***ISIQEPHU 01***

Kusemathuneni umndeni ubuthene wonke uhlezi endaweni eyodwa izingane zihlezi phansi. Kubuhlungu kubo bonke usuku olungajwayelekanga lolu, usuku olunzima. Inkosikazi kaNkosi isikhale yabomvu ngenxa yebala layo, akusehli nezinyembezi. Izingane zakhe ziyamududuza nazo, kunzima nakuzo.

Mfundisi:"Ngizocela umndeni uzothela inhlabathi."

Amadodana akhe amabili asondele kumawabo ngokushesha bamusukumise bamufake phakathi usegqokiswe nenzilo emnyama bhuqe. Umzimba awuqinanga uziyekele nje amandla okunyathela akanawo. Sekungamadodana akhe nje amusizayo ngamandla awo wonke. Asondele afike eme phambi komgodi basondeze ifosholo eligcwele inhlabathi. Asilule isandla emva kwakhe sekumiwe umugqa umndeni wonke ufuna ukuzovalelisa leqhawe inhloko yomndeni.

Kube nzima kuthi awuthathe umhlabathi ngezandla zakhe, phela manje sekusho kona ukuthi makawuthatha awuphosa emgodini kuphelile ngomyeni wakhe nya. Siyaqhaqhazela isandla sakhe inhliziyo ishaye kakhulu nakhu ephelelwa amandla isiyezi simubambe kubemunyama emehlweni.

Dinsi phansi amuvimbe amadodana akhe ukuthi angaweli emgodini womyeni wakhe indodakazi yakhe, iguqe phambi kwakhe.

"Cebile:"Mama vuka, lethani amanzi."

Kusondele uAnti wabo kanye nomamezala wakhe

Mamezala:"Mususeni la niyomubeke ngale emthunzini, Nkos'nathi nahlahla amehlo nje"

Sinalo:"Akakawutheli umhlabathi gogo"

Asondele umamezala wakhe amubambe isandla amukhise inhlabathi isandla sakhe usisekele, kusuke omkhulu umoya lo baxhoshwe nayilenhlabathi. Kuphephuke izitulo ezingahlelanga muntu ngoba umndeni some ngezinyawo. Kuqhaqheke naletende elincane elibekelwe umndeni. Babaleke abantu nawu umoya oyisimanga kusale umaNkosi nendodakazi yakhe kanye namadodana akhe uNkosinathi no Sinalo.

Basale beguqile lapho sebasithe umawabo kuthi angalimali, uvunguze umoya kube mpunga ngathi inyanga kaNtulikazi. Uvunguze umoya lezelamani zibambane ziqine uze udele umoya. Kuthuleke du ngathi azange ube khona baqale baqoqe izitulo basondele abantu. Abagqoke impahla emnyama sebampunga uthuli lubonakala kakhulu kubona. Aphaphame umaNkosi indodakazi yakhe imoyizele, naye amangale kuthi bagcwala uthuli kangaka.

MaNkosi:"Cebile wanjena?"

Sinalo:"Mama bekumele uthele umhlabathi wase uyaquleka."

MaNkosi:”Umhlabathi wani ndodana?”

Sinalo:”Wokuvalelisa ubaba ma"

Ubuye umqondo kumaNkosi asho ngengilakazi akhale ngathi uyaqala ukuzwa, asondele umamezala wakhe.

“Musukumiseni buya makoti uzothela"

MaNkosi:”Cha ma ngeke ngivalelise umyeni wami mina ngifuna abuye azongilanda.”

Abamuzwile babukane uCebile akhale kakhulu ilamazwi kamawakhe, uyazi abazali bakhe bebethandana ngenye indlela emangazayo. Bonke bathukile ukuthi umawakhe uzoqhubeka  kanjani emva kwalokhu.

Mamezala:”Makoti musa ukusibukisa ngabantu cosha noma unhlavana lwenhlabathi uluphose.”

UmaNkosi makabona ukuthi ngeke amuyeke umamezala wakhe acoshe umoya phasi bese uyathela into engekho. Amubheke umfundisi ngoba uyabona lokhu okwenziwa umakoti kepha azithulele. Umndeni usondele bathele ngamunye ngamunye, abanye bakhala ngomalume obashiyile, abanye bakhala ngobhuti wabo, abanye bakhala ngomngani kunzima nje banosizi olwahlukene emehlweni abo.

Baligcibe ithuna ngamafosholo ingoma yabazalwane iyasho, amazayoni izikhali zivumbuka ziya phezulu zibuye zishaye phansi, bayakhwifa ngapha manje sekusuka uthuli olwenziwa izinyawo zabazalwane. Mabaqeda kuligciba sekuyindunduma nje abonge umfowabo omncane uButana.

“AbakwaNkosi bayabonga ngokusixhasa osizini olunjena, indlela indlula ekhaya siyocisha ukoma.”

Kuhlakazeke abantu sebajahe kungashiwa amabhasi bafuna kuthola indawo ephambili phela sekuyodliwa manje. Kuyaziwa ukuthi lendoda ephumulile kudliwa izambane likapondo emndenini wayo. Asale umaNkosi abheke ithuna lakhe nabantu bebancwaba sebaqoqa izinto zabo. Izingane zakhe zimulinde buqamamana nje asondele eme eceleni kwethuna. Aziwise phansi ngamadolo kulentatshana yethuna alale ngesisu izandla zigaxe inhlabathi akhale futhi.

MaNkosi:”Mondli kodwa wangishiya kanjalo nje ngendlela engachazeki yini na, ngilande nami, ngilande Mondli. Angikhoni kubuhlungu Mondliiiiiiii MONDLIIIIIII MONDLIIIIIII, ahhhhhh awuuuuuuu Baba ungishiyelani na.”

Akhale umaNkosi izingane zakhe zize zikhale zonke nazo kepha zingamuphazamisi, emva kwehora ekhala athule du phezu kwethuna. Babone nabo ukuthi umawabo sekadelile basondele.

Nathi:”Mama asambe.”

UNkosinathi nguyena ndodana endala ayikhulumi amazwi amaningi, ayihleki okungahlekisi. Iyasatshwa nasekuhlaleni kanye nomndeni uyamusaba, kepha yize enjalo uyamazisa umawakhe umuthanda ukubhubha akafuni ngaye. Lothando olunzima lolu lwenziwa impatho yakhe akamuzali washada nobaba wakhe asemuncane kepha wamuphatha njenge ngane yakhe.

Akekho owaziyo ukuthi uyazi ngalendaba naye akasiboni isidingo sokufuna umawakhe ngoba inkosikazi kababa wakhe imunikile uthando lukamama, futhi wangasola nakancane. Sekuyibo abathandi bezindaba zabantu abamutshela lokhu, wayeneminyaka ewu13 makatshelwa lokho. Leqiniso lamenza wamuhlonipha kakhulu umawakhe futhi wamuthanda kakhulu.

MaNkosi:”Ngishiyeni ngife la ethuneni lomyeni wami"

Cebile:”Ungakhulumi kanjalo ma.”

Nathi:”Sinalo thatha udade uyomufaka emotweni ngiyeza nomama"

Asukume enze njengokusho kukabhuti wabo bahambe.

Nathi:”Mama mangabe nami ufuna ngife kulungile sizohlala la sobabili sife sonke ngoba ngeke ngikushiye.”

MaNkosi:”Hayisuka wena hamba ucabanga ukuthi izingane zakini zizobhekwa ubani masekumele ufe.”

Nathi:”Sengikhulumile"

Athule agcine sekasukuma umaNkosi naye asukume ngokushesha amusize bahambe bayongena emotweni. Amugibelise ngemuva noCebile

Nathi:”Suka ngizishayelele.”

Aye esihlalweni  esiseceleni, uNkosi lona uficwa ukufa nje izingane zakhe uzifundisile inhlonipho nokuthi zihloniphane zodwa futhi. UmaNkosi uqamele kwindodakazi yakhe imuphulula ekhanda. Ashayele uNkosnathi elokhu emubheka esibukweni unina wakhe, uyathinteka nje ngesimo akuso. Abheke noSinalo uthintekile naye uyabona nje ukuthi kumele eme aqine manje lomndeni uzobheka kuye ngokuningi.

Amise imoto abantu basaphithizela nokudla bayaphambana, abanye sebayadla abanye baseme emugqeni balindile. Abanye sebaqedile bakhipha inyama emazinyweni ngapha bayaxoxa. Adonse umoya uNathi ehlike ayovulela unina amubambe ngesandla, uCebile yena ugaxwe uSinalo ehlombe. Mabangena nje asondele abavimbe anti wabo omdala.

Anti:”Kumele nigeze izandla kuqala kunini ulindiwe Gugu abantu baze badle ungekho.”

MaNkosi:”Ngiyaxolisa sisi.”

Anti:”Inkinga ayikho mana ngilande amanzi"

Abafulathele isikhashana aqhamuke sekabambisene nomunye ibhakede elinamanzi, abantu bayababuka bayabazwela. Akekho owayengazi ngothando lwalomndeni ikakhulukazi labashadikazi. Afike abeke phansi ibhakede uNkosnathi afake izandla zikanina azigeze nazo bese uyamusula. Anti wabo ukubukile konke lokhu bese kulandela uSinalo noCebile bayongena endlini.

Bazithele kubabomkhulu wabo uMongezi

Mongezi:"Haaaa nina nivumbukaphi ngaleskhathi, Cebile awutshele anti wakho angigcwalisele ukhamba lwami lapha kunini ngilindile."

Nathi:"Ngizokugcwalisela babomdala hamba uyohlala ngaphandle uyabaphazamisa abantu bayasebenza."

Mongezi:"Kulungile ndodana ngiyazi masekufike wena kufike umakoya."

Aphume akakhoni nokuhamba aqonde uze usizwa nawubonda.

Mongezi:"Hhey kwaze kwashuba uMondli madoda uMondli wahambaaaaaa mfana baba"

Aphume sekakhala futhi amubuke uCebile ubabomdala wabo akafuni ngaye umuthanda into engachazeki, bangene endlini

Nathi:"Mama kumele udle uzophuza amaphilisi wakho"

Angaphenduli bayongena egunjini lakhe belibekwe umatilasi, afike sekulungisiwe kodwa umbhede awukho, umatilasi osusiwe nje. Bahlezi phansi bayadla omama abayizihlobo ezibajwayele.

MaNkosi:"Ndodana ngifuna isitulo umzimba wami ubuhlungu"

Nathi:"Bazolwa bogogo mama ngicela udle okungenani uzomani uyophumula masoyolala"

MaNkosi:"Ngizolala kuphi makunje?"

Nathi:"Egunjini lami akungeni muntu lapho ngeke bazi futhi ukuthi ulapho."

Amoyizele amusize ahlale phansi bababukile nje, kungene uAnti wesibili uSmangela igama lakhe. Abuke inkosikazi kamfowabo kabi iyamucasula indlela athanda ngayo uNkosinathi. Namanje akazwisisi ukuthi kungani angazange athukuthele makamutshela ukuthi akamuzali lo kodwa kwabangathi bathandana kakhulu kunakuqala.

UNathi aye kuAnti omdala lo obalethele amanzi esangweni

Nathi:"Anti bengicela uphakele umama"

Amubhambathe ehlombe anti wakhe

Anti:"Ngane kamfowethu ngiyajabula ngokunakekela umawakho, uphi umakoti?"

Nathi:”Angikamuboni selokhu sibuye emathuneni ngiyacabanga kodwa unomndeni wakhe.”

Baxoxe elokhu emubukile aphaka bese uyamunika akuhambise kumawakhe.

Nathi:”Dlani ma uzophuza amaphilisi uyolala.”

Smangela:”Ulala ulalisani ngoba kuningi okumele kwenziwe, yazi uMondli wake wasilaya ngokushada levila.”

Makathi uyasukuma uNkosnathi amukhuze umawakhe.

MaNkosi:”Muyeke ndodana, uphi uAmanda angikamuboni?”

Nathi:”Ngizoya kombheka ma nami ngimugcine ekuseni.”

MaNkosi:”Hamba akumele unakane nomawakho kangaka ukhohlwe nenkosikazi yakho.”

Nathi:”Uzobakahle kodwa ma?”

MaNkosi:”Khululeka"

Aphume amushiye lapho adla nakhona uyakuchuphuluza.

Smangela:”Awungitshele yini le oyidlisa uNkosnathi kuthi abe yisimaku sakho silokhu sikulandela ngemuva. Yazi wena Gugu uyangicika  nje ngalobuthakathi bakho.’

Aqhubeke azidlele uMaNkosi angasinaki iskoni sakhe simuthethisa. USmangela kumcasule lokho asondele  kuye eme amubuke edla elokhu ebheke phansi. Ashaye lesitsha adlela kuso bese kuyachitheka phezu kwakhe ukudla okunye kumuthele ebusweni.

MaNkosi:”Smangela ungifunani kodwa?”

Smangela:”Siphelile isikhathi sakho la makuphela kuhlanzwa komndeni emva kwalezinsuku eziyishumi uhambe la.”

MaNkosi:”Kukwami la angiyi ndawo.”

Smangela:”Sizobona nanka amehlo sizobona.”

Afulathele uMaNkosi asale esukuma azithintitha ayophuza amaphilisi wakhe aqonde egunjini likaNathi…….

***ISIQEPHU 2***

UNkosnathi wayicinga inkosikazi yakhe wangayithola, wayibheka kuwo wonke amagumbi lutho. Waqala kukhathazeka  masekabona udadewabo omncane ezovalelisa.

Mihla:"Bhuti usengakamboni usisi sesifuna ukuhamba manje."

Nathi:"Akekho nani kanti?"

Mihla:"Cha."

Nathi:"Umhlolo phela lo angaba kuphi kodwa?"

Kusondele nomama kaMihla umkhwekazi kaNathi umam Mzobe

MaMzobe:"Mkhwenyane sesiyindlela manje ngicela ungiphelezele ngiyovalelisa kumawakho."

Nathi:"Mihla muphelezele aye egunjini elikhulu ngisayobheka uAmanda ngale kamngani wakhe hleze ulapho."

MaMzobe:"Akakabuyi kanti mina ngimubonile aphuma nalentombazane ekhanyayo ngebala bawela umgwaqo"

Nathi:"Bagibela emotweni ebomvu?"

Aqale axwaye umaMzobe ngoba ebona isimo asakuso umkhwenyane wendodakazi yakhe, angabe esakhuluma.

MaMzobe:"Anginakanga mkhwenyane asambe Mihla"

Ngempela bamushiye emile lapho, akhiphe ucingo lwakhe uNkosinathi ashayele inkosikazi yakhe alubeke endlebeni. Lusakhala nje iqhamuke imoto ebomvu ime buqamamana avale ucingo uNathi alubuyisele ekhikhini abuke. Aphume uAmanda khona isuke imoto. Agoqe izandla zakhe uAmanda uzama kuzibamba kuthi ahambe kahle ngoba uyamubona umyeni wakhe umubhekile.

Asondele kancane sekahle uyakhophozela

Nathi:"Ubuyaphi Amanda?"

Amanda:"Bengifuna kushawa umoya myeni wami ngicela ungathukutheli."

Nathi:"Lomoya ubungeke ukushaye nami, ukhetha kuhamba nalomngani wakho owazi kahle kuthi angimufuni"

Amanda:"Asambe siye endlini."

Nathi:"Benihamba nomfowabo?"

Amanda:"Nkosi asingene endlini."

Nathi:"Hamba ngisayobheka boSinalo"

Amanda:"Yingakho ngihlala ngisemgwaqeni mina uhlezi unaka umndeni wakho mina ungikhumbula mawufuna kungikhwela."

Abheke phansi uNathi ngoba nangu umawakhe kanye nomama kaAmanda bayaphelezelana, bezwe lento eshiwo uAmanda.

MaMzobe:"AMANDA"

Athuke naye abheke emuva uyamazi unina akazwani nokubheke eceleni abone kuthi abantu abaningi sebebuka ngakubo. Avele afulathele ayongena endlini abashiye lapho.

MaNkosi:"Bakahle boSnalo hambo uyokhuluma nenkosikazi yakho"

Alandele uNathi makangena egunjini labo ulele ngesisu ilokwe aligqokile elimnyama limubambe kahle okhalweni liphezu kwamadolo. Angene avale umnyango ahlale phezu kombhede.

Nathi:"Amanda"

Aphenduke abheke phezulu kepha angavuki

Nathi:"Awuthandi manginakekela umndeni wami?"

Amanda:"Anginayo inkinga wena ukwenza kwendlulele"

Nathi:"Kanjani?"

Amanda:"Funda izenzo zakho uzozibonela wena, uphuma la egunjini lethu ekuseni ulokhu ukhona ulandelana nabantwana bakini ubasiza ngezimpilo zabo, noma uhlezi nomama. La uzoze ubuye sozolala kuwe ngiyafana nje ngathi angikho. Nkosnathi noma ngikufisa emini ngeke ngikuthole ngoba awutholakali kepha ube ukhona."

Nathi:"Ngiyinkosana yalomndeni Amanda kumele ngibheke izinto."

Amanda:"Ungumyeni wami kumele nami ungibheke."

Adonse umoya uNathi

Nathi:"Usangifisa?"

Amanda:"Ngizidlalisile ngomuno ngabakahle angisakufisi."

Nathi:"Hawu ungenza lokho ngikhona."

Amanda:"Ubungekho duze nami."

Ahambise isandla embaleni wakhe asikhuphukise size singene ngaphansi kwelokwe. Sihambe emathangeni avale amehlo uAmanda sikhuphuke njalo size siyobhajwa

esithweni sakhe. Asibambe isitho sakhe uAmanda aze ahlukanise imilenze. Makaquma nje kubekhona okokodayo

Anti:”Ndodana ngicela usizo ngapha.”

Nathi:”Ngeke ucele omunye anti?”

Anti:”Kufuna wena ndodana vuka vuka.”

Abheke inkosikazi yakhe

Amanda:”Uzoshesha"

Asukume uNkosnathi azilungise abone nje ukuthi uyahamba.

Nathi:”Angikwazi kulindisa umuntu omdala"

Amanda:”Bengazi uzokhetha kuyeka mina"

Makathi uvula umlomo kuthi akhulume Amanda asukume aqonde endlini encane amushiye amile lapho. Azilungise uNathi bese uyaphuma sekasukile emnyango uanti wakhe. UAmanda asale ahlala phezu kombhede adonse umoya ubuke isithombe somshado wabo nomyeni wakhe. Babejabulile basothandweni bangakhoni kuyekana aze abathethise ubabezala wakhe. Kubekhona okokodayo kancane abheke emnyango angaphenduli uvuleke umnyango kungene umamezala wakhe. Asondele kancane abheke isitulo lesi se dressing table ahlale kuso abheke uAmanda.

MaNkosi:”Ngane yami"

Amanda:”Ma.”

Adonse umoya amubheke

MaNkosi:”Unjani?”

Amanda:”Ngikahle ma.”

MaNkosi:”Unamanga"

Amanda:”Ngiyaphila ngempela ma.”

MaNkosi:”Ngiyizwile lento oyisho kuNathi ngaphandle.”

Ashalazele

Amanda:”Ngiyaxolisa ma bengingaqondile"

MaNkosi:”Yazi uNkosnathi ufuze ubaba wakhe ngolunye uhlobo, uhlezi abeke umndeni wakhe phambili kunaye nezidingo zakhe. Ngiyazi lento oyizwayo nami ngake ngandlula kuyo. Kimi bekunzima kakhulu ngoba osisi bakhe bebangangithandisisi ikakhulukazi uSmangela.”

Akhohlele kancane

MaNkosi:”Uyazi kwesinye isikhathi abephuma angishiye phakathi nobusuku ngoba usisi wakhe umushayele akhala usemaphathini. Ahambe ayomulanda lapho noma amushayele athi uyasaba kunomuntu endlini, uzophuma ubabezala wakho ayolala kwaSmangela"

Amanda:”Hayibo mama ubusuku bonke?”

MaNkosi:”Ubusuku bonke, kwafika la engikhathala khona bengithi mangikhuluma naye angazwisisi ngoba unenhliziyo enhle kakhulu engqondweni yakhe abeseka umndeni wakhe. Angaboni nokuthi sebadlala ngaye kuthi sixabane. Ngatshela umawami wathi yena ngeke ngidube umyeni wami ngenxa yokuthi wenza umsebenzi wakhe wokunakekela umndeni. Mina kumele lokhu akwenzayo ngikwenze naye.”

Amanda:”Kanjani ma?”

MaNkosi:”Makaphuma ngangimulandela yena makaseka umndeni wakhe mina ngiseka yena. Ngathi mangibona ukuthi uyakujabulela lokho besengimulandela kakhulu, kusukela lapho azange sibe nayo ingxabano. Ungakwenza nawe ngoNkosnathi lokho ngoba mawuzomlwisa yena uzobona ngathi awusifuni.”

Amanda:”Akusinjalo ma ngiyanithanda kakhulu ngihlezi kamnandi la ekhaya kodwa ngihlezi ngingedwa.”

MaNkosi:”Yena akakwazi lokho manje mangimushayela ngikhala makaphuma umulandele nizongithulisa nobabili, noma ayakuphi. Lento izonenza nihlale nindawonye nalocansi lwenu luzobancono ngoba nizolwenza noma kuphi la imizwa inifica khona nindawonye.”

Abheke phansi uAmanda

Amanda:”Kahle ma"

MaNkosi:”Buka umuhle njani mawumoyizela zilungise ugqoke ilokwe lakho elipholile umulandele.”

Amanda;”Ngiyabonga ma besengicabanga nokumyeka mina ngicabanga ukuthi ukhathele yimina ngoba zingane aziveli.  Bengicabanga ukuthi mhlawumbe nalokho kumenza angasangibuki ngendlela efanayo"

MaNkosi:”Akusikho lokho sesi abezongitshela mina.”

Amanda:”Ngiyabonga mama ngiyaxolisa futhi"

MaNkosi:”Hambake uyomucinga ungasamubuzi noma ubalise ngokwenzekile"

Bamoyizelelane aphume umaNkosi abantu sebahambe bonke kusele umndeni oduzane nje. BoAnti bobabili uSmangela noDeliwe, ubabomncane uButana ubabomkhulu uMongezi, umamezala kaGugu. Nangaphandle itende selilandiwe konke kuqoqiwe. Amabhodo amakhulu sewageziwe amisiwe ngaphandle. Makaqeda kubuka konke nje abuyele endlini aqonde egunjini lakhe. Uskoni wakhe omdala sekacishe ubuyisele

konke namanje usematasa khona uzisebenzela ayedwa. Akanayo inkinga yokuthi kube nguye othinta izinto zakhe ngoba uyamuthemba akakaze amuphathe kabi.

Deliwe:"Ngiyazitshela nje ukuthi mangiqeda la ngiyokucinga ubuye uzolala."

MaNkosi:"Wena uzophumula nini sisi kodwa?"

Deliwe:"Angifuni ukuthi usale nomsebenzi omuningi"

MaNkosi:"Uyazi kunezisebenzi sisi bezizongisiza."

Deliwe:"Ngiyazi Gugu kodwa uyazi angikwazi kuhlala phansi, buya uzolala ngifake izingubo ezihlanzekile."

MaNkosi:"Ngiyabonga kakhulu kodwa ngifuna kugeza kuqala."

Deliwe:"Ngizokufakela amanzi."

Angalindi nempendulo afulathele ayongena endlini encane amufakele amanzi ebhavini lokugeza awashiye aphuma azombheka ngapha.

Deliwe:"Ngifake negwebu lakho olithandayo"

MaNkosi:"Ngiyabonga sisi"

Ayibuke inkosikazi yomfowabo ikhumula ayilandele noma seyiyongena emanzini avale isihlalo setoilet ahlale phezu kwayo.

Deliwe:"Gugulethu yazi ngizwe bakhuluma ngale bobabomkhulu kanye nomalume ngithi angikutshele uhle uzilungiselele."

MaNkosi:"Bathini?"

Deliwe:"Bathi kumele ungenwe uButana."

Athuke umaNkosi phela uyamazi kudala amufuna uButana lokho wasaba kukuxoxela umyeni wakhe ngoba angafuni kuxabanisa umuntu nobhuti wakhe. Adonse umoya kwehle izinyembezi

MaNkosi:"Hawu kodwa sisi kungakashoni nelanga nje, umama uthini?"

Deliwe:"Uyamazi umama akakhulumi akashongo lutho."

MaNkosi:"Isono sami ilemali kaMondli kanti bangayithatha yazi."

Deliwe:"Sisi ungakhali konke kuzondlula icebo lizozakha."

MaNkosi:"Kungani ungenzela konke lokhu, unomusa kimi?"

Deliwe:"Ubhuti wayekuthanda Gugu ngikhumbula mzukwana afika ekhaya ajabulile kuthi usumuqomile egcineni. Injabulo eyayisemehlweni akhe yahlala kimi ngathi ngifuna ukubona umfana sekhaya ahlezi ajabule kanje. Okunye indlela ofike waba umama

kuNkosnathi ngakhona. Ngiyakuhlonipha nje kakhulu ngiyafisa ngathi nomndeni ungakubona.”

MaNkosi:”Ngiyabonga sisi ithi ngiqede ngiyolala ngiyezwa nje ukuthi usuku lwakusasa luzoba lude.”

Deliwe:”Kulungile ngiyabuya.”

Asale ageza kahle aze aqede ayongena engubeni asasusa imiqamelo abuye nokudla uDeliwe amunike. Adle belokhu bexoxa makaqeda athathe isitsha aphume umaNkosi angene engubeni…….

***ISIQEPHU 3***

***KWAMZOBE***

MaMzobe:"Mihla awuye ezitolo uyocosha cosha imifino uyazi ubaba wakho uwathanda njani."

Mihla:"Ahhhh mama mina ngisakhathele kungani ungashayeli uAmanda akulethele."

MaMzobe:"Sengingabiza umuntu owendile ngenxa yemifino nje kahle wena hamba."

Mihla:"Uzomuletha umyeni wakhe ma futhi nawe uzogcina imali yakho ngempela ngikhathele"

MaMzobe:"Kulungile ngizoziyela"

Angene ubaba wakhona

Mzobe:"Mihlayenkosi uzohlala nje dekle uzineke ngathi unamasende unyoko aphume azithume wena ukhona"

MaMzobe:"Kulungile baba ngzolula izinyawo."

Mzobe:"Hhey uyinkosikazi yami kuphela uzophashula uye le ezitolo ubuye upheke futhi yena ahlezi achofozana nocingo. Hhey sukuma wena uye ezitolo"

Asukume ngokushesha uMihla sekacasukile kepha ngeke akhulume ngoba alufakwa kubaba wabo. Athathe imali kumawakhe.

Mzobe:"Ushesheke ntombi uzopheka unyoko ukhathele uyolala manje."

Athule uMihla aqhubeke ahambe

Mzombe:"Hhey uyangizwa na?"

Mihla:"Ngiyakuzwa."

Mzobe:"Uyangizwa bani uyangizwa popayi?"

Mihla:"Cha ngiyakuzwa baba"

Mzobe:"Awubonike ntombazane shesha uzobuya, ungakhohlwa kuthenga nethanga lapho."

Ahambe ezidonsa nje uMihla ilanga liyashisa ukhohlwe nokuthatha okokuzisitha ilanga ngenxa yolaka lwababakhe. Alinde isikhashana liqhamuke itekisi alikhombe agibele. Ligcwele kusele isihlalo emuva kunamantombazane amabili nowesilisa oyedwa uncolile. Izimpahla zigcwele amafutha emoto uyancinca nje, naye umnyama lomuntu.

Mshayeli:"Yesesi ukhombe letekisi kuthi uzosidunusela la hamba uyohlala phansi ulokhu udunusile."

Lamantombazane asemuva ahleke ngoba ayabona uncenani, asondele lowesilisa azibeke ipulastiki ngala azohlala khona kuthi angamuthinti ngoba uyabona kuthi uhle uyamenyanya. Abe namahloni makabona lesenzo uMihla asondele ahlale azame kungamuthinti kepha akwenzeki. Amubuke lomlisa azithole sekathatheka nguyena uMihla uzichofozela ucingo lwakhe. Kuthi makwehla omunye umuntu asuke ngokushesha ayohlala endaweni yakhe.

Baqhubeke nohambo aze afike la ehla khona, amulandele nalomuntu amufice asalinde ukweqa umgwaqo.

Mlisa:"Sawubona nkosazana."

Amubheke acasuke uMihla athwale ikhala azithulele

Mlisa:"Hawu ngane yabantu ngiyakubingelela."

Mihla:"Ungibingelela ngoba kwenzenjani konje?"

Mlisa:"Hawu musa phela kungiphoxa, ingabe ubani igama lakho?"

Mihla:"Ufuna ukwenzani ngegama lami muntu wenkosi?"

Mlisa:"Ngizokwazi phela ukuthi uma wezingane zami ungubani."

UMihla ahluleke nokumoyizela noma ukuzenzisa ucasukile

Mihla:"Ngicela ungasondeli kimi please uyanuka"

Azibuke lomuntu aphinde amulandele

Mlisa:"Ngicela inombolo yakho ngizothi masengishayisile emsebenzini sengigezile ngikushayele."

Mihla:"……."

Mlisa:"Igama uLwazi Khoza ngempela ngane yomuntu ngithathekile ngicela inombolo yakho."

Mihla:"Ungibukile kahle mina, ngoba sofuna inombolo yami? Kahleke hamba uye kulaba abasezingeni lakho uphume kimi."

Lwazi:"Hawu nkosazana kanjalo nje, angithi ngiyasho ngizogeza."

Mihla:"Eyyyy mabhuqa udaka suka phambi kwami noma ungageza wena awufanelwe yimina."

Lwasi:"Uzongenza angithi nkosazana ngibe sezingeni lakho, ngifuna umuntu engizomushada wena unguye."

Mihla:”Usuzokhuluma wedwake manje njengohlanya ngeke ngisakuphendula mina.”

Lwazi:”Hawu madoda ngicela ungitshele igama lakho nesibongo okungenani"

Athule uMihla sekabuka labantu abababukile amahloni sewamuphethe.

Lwazi:”Ngizokuyeka mawungangitshela lezinto engizicelayo.”

Mihla:”Letha ucingo lwakho ngikufakele inombolo yami igama ngiwu Mihla Mzobe.”

Lwazi:”Ohhhhh Nongoza omuhle nalu ucingo lwami.”

Alukhiphe alubheke nalo aluthathe ngathi akafuni achofoze izinombolo abheke nocingo lwakhe afake.

Lwazi:”Hawu ngathi uyayikopela nje lenombolo ingeyakho na?”

Mihla:”Ngiqeda kushintsha inombolo angikayazi, uma ungangithembi yishayele, ihhhhh awunawo umoya ngiyazi.”

Amufulathele angene estolo uMihla sekafisa nokugeza izandla ngendlela acasuke ngakhona. Asale emoyizela yedwa uLwazi anikine ikhanda achofoze lenombolo ikhale bese uyayivala.

Lwazi:”Yaze yangidelela ingane yabantu yoooo.”

Afulathele ayogibela elinye itekisi phela wehle engakafiki la aya khona. UMihla umubhekile nje ayogibela itekisi anikine ikhanda.

Mihla:”Islima sendoda mxm ulandelana nabantu abangekho ezingeni lakhe, akaye etshwaleni uzobathola abanjengaye.”

Akhiphe ucingo lwakhe achofoze.

“Sisi"

Mihla:”Hhey ungamangali skoni sami kunesilima engisinike inombolo yakho.”

Cebile:”Ayyy Mihla lomkhuba wakho uyangicasula mina angithi mawungafuni ngenombolo yakho unqabe kungani unika labantu inombolo yami?”

Mihla:”Ayyy kahle nawe ukuzenza isilima.”

Cebile:”Uyakhumbula ubhuti uke wangishaya la umuntu sekashela mina angasayeki kufona"

Muhla:”Uselapho kanti indaba yakudala kangaka awundlulisi wena, futhi ukube waziqomela yena.”

Cebile:”Ayyy Mihla uhlezi ungaliboni iphutha wena ezintweni ozenzayo ngicela uhlukane namanombolo wami"

Avale ucingo lwakhe asale abheka olwakhe uMihla

Mihla:”Ohhhhh ngizokwenza ngathi angizwanga lutho uqeda kushonelwa ubaba wakhe kepha ngeke ngiphinde ngivume akhulume nami kanje.”

Angene akhethe lemifino ayifunayo akhokhe makaphuma asabamba amapulstiki kahle, ashayisane nomuntu. Athuke aphakamise amehlo azithele kwinsizwa esibiphile nayo kwalenga nomlomo kabi.

“Sfebe awubheki la ohamba khona nxxxx.”

Mihla:”Ngiyaxolisa bhuti hle bengibambe kabuhlungu"

Azithintithe ihembe lakhe elimhlophe esifubeni

“Awubheke lezinwele zakho zingindile manje la.”

Mihla:”Ungalikhumula bhuti ngizolihlanza ihembe lakho kahle, ngiyaxolisa futhi.”

Kusondele owesifazane ogqoke umfanekiso wabasebenzi bakulestolo

“Mnumzane ingabe konke kukahle?”

Kukahle ngicela ungilethele isiphuzo ehhovisi lami"

“Kulungile.”

Afulathele asale abheka uMihla olokhu ekhophoze njalo.

“Usungahamba next time ubobheka”

Mihla:”Ngiyaxolisa futhi"

“Mina faka inombolo yakho la, ngizoletha ihembe lami mangiqeda la.”

Abeke phansi amapulastiki athathe ucingo lwalensizwa afake inombolo yakhe, makaqeda amunike agobe athathe amapulastiki akhe, elilodwa liphunyuke kuwe amazambane aginqeke elandelana ayophelela emgwaqeni. Makazama ukuwacosha

“Ngena uthathe eminye imifino.”

Mihla:”Cha bhuti ngizowacosha angithi amazambane anocwencwe"

“Gama lami uNsizwa ngangibizi ngobhuti, Eyyyyy wena.”

Kusondele omunye umfana egijima naye ugqoke umfanekiso wabasebenzi

Nsizwa:”Thatha isaka lamazambane nalamathanga uphelezele u.”

Amubheke phela akamutshelanga igama lakhe

Mihla:”Mihla.”

Nsizwa:”Igama elinje alikufanelanga umuhle kangaka, phelezela uMihla umubeke kubo.”

“Kulungile mnumzane.”

Angene umfana athathe isaka bahambe sekachazekile uMihla kuthiwe muhle futhi kuyacaca kuthi lesitolo esingaka esakhe. Bagibele evenini enombhalo wegama lesitolo (Khumalos). Ayisuse umfana

“Ingabe niyathandana nomnumzane?”

Mihla:”Akufuni wena lokho.”

“Mangabe usakushela mina ngicela kukukhethela lomlisa ofike naye benginibhekile, umnumzane ngeke aku…”

Azikhuze akhethe ukuthula

Mihla:”Wenza kahle uthule ngoba uzolahlekelwa umsebenzi.”

Baqhubeke nohambo lwabo amulayele kubo afike amehlisise umthwalo amushiye lapho esangweni. Makangena endlini amangale umawakhe imifino eminingi kangaka.

MaMzobe:”Kwase?”

Mihla:”Mama uthe ngikukhethele imifino emihle ngenze njaloke.”

MaMzobe:”Wena sothanda ukungicasula ngalokukhulama nami kanje.”

Mihla:”Ngiyaxolisa ma ukuthi kuyashisa kanti bengisindwa.”

MaMzobe:”Akunankinga sesi hamba uyophumula.”

***ISIQEPHU 4***

***KWANKOSI***

UAmanda ulale wacabanga amazwi wamamezala wakhe avuke ekuseni alungisele umyeni wakhe ngoba uyazi uzovuka abematasa. Abengamulungiseli lutho ngenxa yentukuthelo amangale naye uNathi makavuka amanzi sewamulindile.

Amanda:"Ufuna ukudla ini?"

Nathi:"Hawu sthandwa sami ngavuswa kamnandi kanje"

Amanda:"Ngizolala kanti."

Bahleke amudonsele kuye bawele embhedeni amuhage.

Nathi:"Izolo ulunqabile ucansi bengicabanga ukuthi ungikwatele."

Amanda:"Ngifuna sizithokozise ngocansi ngoba ufuna nawe hhayi ngoba wenzela mina."

Makezwa ukuthi uyavukelwa umyeni wakhe asuke kuye

Amanda:"Kuzofana nokuthi sidelela abantu abadala abagcwele indlu le, izolo besibeka ubaba asime ngokuqhanyelwa. Hamba uyogeza ngokushesha bazobe bakubiza manje."

Amangale loshintsho uNathi kepha aluthande ayongena endlini yokugezela asale alungisa umbhede uAmanda. Makaqeda amukhiphele izimpahla azozigqoka akushiye phezu kombhede aphume. Ngenhlanhla akukho muntu ekhishini uzokwenzela umyeni wakhe akuthandayo angalawulwa ilabo anti. Amenzele amaqanda ngendlela awathanda ngayo, ubhekeni amuthosele nesinkwa amubekele. Afike naye sekagqokile emuhle amubekele adle belokhu bexoxa yena akadli lutho uziphuzela okuthile.

Amanda:"Myeni wami."

Nathi:"Mmmm."

Uphendula kunokudla emlonyeni kepha angawuvuli umlomo.

Amanda:"Ngiyaxolisa ngokukulwisa emavikini andlule ngifuna kuzicabangela mina kuphela."

Amubambe ngesandla esisodwa

Nathi:"Ngiyazwisisa nkosikazi yami nami bengizothukuthela njengawe."

Amanda:"Namuhla lunjani usuku lwakho?"

Nathi:”Ngizoya kobheka ehhovisi likababa kodwa akusetshenzwa kukhona umama angithume kuthi ngiyokubheka, bese ngibuya ngokushesha ngoba ngiyazi abakahambi nje bazokwenza umhlangano wokudelela umawami"

Amoyizele uAmanda akhumbule amazwi amawakhe mhlazane bemuyala azoshada bathi uma umkhwenyane wakho enakekela umawakhe nawe yazi ukuthi uzokuthanda into engachazeki akuhloniphe, kepha makadelela unina wakhe alikho iikusasa phakathi kwenu.

Nathi:”Wamoyizela manje angithi uyazi mawuba njena usuke ungiphakamisele imizwa kanti unqabile.”

Amanda:”Idla uqede babNkosi uzoshesha, ngiyakuthanda uyezwa”

Aqede ukudla basukume amuphelezele baphumele ngaphandle baqabulane lapho angene emotweni ayisuse. Kuyaqala kuthi uNathi ajabuliswe umkakhe ngalohlobo ahambe emucabanga echazekile nala endleleni.

Makabuyela endlini amangalele anti Smangela abebabuke efasteleni angaswabi futhi kuthi uyamubona. Angene athule nje uAmanda.

Smangela:”Lento oyenzayo kubambana nendoda emagcekeni kabhuti aqeda kushona nje.”

Angamuphenduli andlule aye egunjini lakhe afike ahlambe agqoke okunye, aye egunjini likamamezala wakhe. Amufice ahlezi phezu kombhede ugezile muhle wagqoka ingubo yakhe emnyama, wabeka idukwana emahlombe elimnyama amoyizele uAmanda angene amuhage.

MaNkosi:”Kwase?”

Amanda:”Ngiyabonga ma ngesaluleko sakho namuhla umyeni wami uhambe ejabulile.”

MaNkosi:”Kufuneka lokho mntanami.”

Amanda:”Umuhle yazi ma"

MaNkosi:”Kahle kudlala ngami wena.”

Amanda:”Ulale njani kodwa, phela izolo bekuwusuku lokuqala ulala wedwa, evikini bebakulalisa.”

MaNkosi:”Ngilalile sesi ngoba umzimba ubukhathele"

Kungene uSmangela babukane ngoba akakokodi

Smangela:”Bayakubiza abadala Gugu shesha futhi.”

Aphume asale asukuma umaNkosi amuzwele uAmanda makazilungisa, baphume umndeni usuphelele nobabMongezi akaphuzanga namuhla uyabukeka. Kukhona umamezala wakhe, ubabomkhulu womyeni wakhe kanye nomunye naye uyisihlobo

sakwaNkosi ubaba omdala, uDeliwe usesi omdala womyeni wakhe, uSmangela olama umyeni wakhe. UMongezi ubhuti omdala womyeni wakhe kanye noButana ubhuti omncane. Afunde kwezakhe asondele kunendawo kuthi ayohlala celeni  kwaButana ahambe ayohlala khona.

Gugu:”Sanibonani bantu abadala.”

Babomkhulu:”Unjani makoti?”

Gugu:”Ngiyaphila"

Mamezala:”Ulale kanjani makoti?”

Gugu:”Ngilalile ma.”

Babukane benomamezala wakhe uyabona ukuthi kukhulu okuxoxiwe.

Babomkhulu:”Makoti njengoba umuntu oze ngaye kulomndeni engasekho sinomndeni sibonisene sathatha isinqumo sokuthi awukwazi kuhamba emzini kaNkosi. Hlala uqhubeke kepha ungenwe ubhuti wakhe lo uButana.”

Amubheke celeni kwakhe emoyizela ugqoke uyaconsa azithulele nje

Babomkhulu:”Makoti usemuncane futhi usabukeka izingane zendodana yethu azikwazi kuyohlala komunye umuzi zibize esinye isibongo.”

Gugu:”Izingane zami zinekhaya lazo babomkhulu zizahambelani la?”

Babomkhulu:”Mukhulu lomuzi ngeke umndeni uvume kuthi uhlale wedwa nezingane udinga indoda ezokuqapha.”

Gugu:”Mama"

Abheke umamezala wakhe abheke phansi sekagcwele izinyembezi emehlweni.

Gugu:”Babomkhulu mangabe nicabanga ukuthi ngizohamba nemali ngiyondla enye indoda ngayo. Ningakhululeka niyithathe kepha la ngeke ngihambe umuzi engawakhelwa umyeni wami nezingane zami futhi angifune ndoda ngiqeda kubeka indoda yani zolo lokhu akakabi mathambo amhlophe sekumele ngingenwe. Nisho lobhuti madliza lo oqonywe sonke lesigodi ngiyanqaba babomkhulu"

Babomkhulu:”Mameshana uphendula mina kanje makoti.”

Smangela:”Heeee kudala ngisho kuthi lo akalunganga nakhu sekayaziveza manje, kunzima kuphi lento oyiyalelwa abantu abadala Gugu”

UGugu abuke umamezala wakhe vele ngeke akhulume ngoba naye wangenwa nguyena lobabomkhulu yize wayenenkosikazi. Akusuye umuntu okhulumayo futhi sidalo sakhe ukuthi uzizwa njani ngendaba ubona ngendlela aba yiyona. Njengamanje uzwa ubuhlungu ngoba uyakhala.

Gugu:”Sengininikile impendulo ngiyanqaba izingane zami azimudingi omunye ubaba sezikhulile kwazona. Imali mayiphuma isegameni lami ngizoninika yonke mina ngisale nokuzofundisa izingane zami"

Smangela:”Wena vele wawuzele imali kubhuti akukho okunye.”

Deliwe:”Smangela awuhlale phansi.”

Smangela:”Hayisuka ukuncindisile angithi ngeke usho lutho vele.”

Babomkhulu:”Makuphela isonto ummeli uzoza azofunda ifa bese ngesonto elilandelayo siya kini siyobazisa ukuthi kumele kwenziwenjani. Uzokwenza lokho makoti uButana uzokungena uthanda ungathandi. Ndodana siyahamba manje wena ungasala lomuzi mkhulu awukwazi kusala ungenandoda.”

Achazeke esebuka umuzi ongaka asukume ubabomkhulu phela uButana uyindodana yakhe afike wabanayo makangena umamezala kaGugu kanye noSmangela. UMondli noMongezi kanye noDeliwe ebababa owashona,. Asukume ubabomkhulu amulandele umamezala nabanye baphume ngamunye ngamunye. UAmanda asondele kumamezala wakhe amuhage amuphulule emhlane.

Amanda:”Buya ma siye egunjini lakho.”

Smangela:”Kusizani lokho ngoba kumele alalele abantu abadala.”

Amanda:”Heyiwena anti ewakho umyeni uphi ugana nini, usuka le uzoqinela umama la, fusega nabantu bakini"

Gugu:”Amanda"

Amanda:”Hhayi mama yoooo.”

Amoyizele uDeliwe enze ngathi akezwa lutho ababaze uSmangela asondele kuAmanda.

Samngela:”Ukusho kubani lokho wena?”

Amanda:”Ngikusho kuwe hamba uyogana ulokhu ugade amafa kababa.”

Azame kumushaya ngempama amubambe isandla uAmanda.

Gugu:”Amanda ungakhulumi nomuntu omdala kanjalo.”

Amanda:”Mudala kuphi lo ma ngoba sicishe silingane ukuthi ungu anti womyeni wami lokho akusho lutho kimi. One day ngizokubamba anti ndini uzohamba ngoreverse nxxx.”

Smangela:”Uzothula nje umakoti wakakho ekhuluma nami kanje?”

Ahambe uGugu abashiye lapho asale emuveyisa ngempama uAmanda naye afihle ubuso bakhe ngokushesha.

Amanda:”Ngizokuthi.”

Anikine ikhanda uDeliwe makamubuka uSmangela abe ngumuntu omatasa ngokudla ngathi akezwanga lutho. Afulathele naye alandele umamezala wakhe, makangena nje anikine ikhanda uGugu.

Gugu:”Amanda uyahlanya yini?”

Amanda:”Hhayi mama ngiyahlanya vele uSmangela uyangicasula mina ngikhathele nguye futhi ungazihluphi ungikhuze ngoba ngisazomubamba"

Abone ukuthi ngeke amulalele azithulele nje ahlale phezu kombhede kungene uDeliwe amoyizela.

Deliwe:”We sisi uNathi wamuthathaphi lomakoti  kodwa.”

Gugu:”Amanda awungenzele ukudla kancane sesi.”

Deliwe:”Cha uSmangela ungale ekhishini bazokulwa laba ngizokwenzela sisi"

Afulathele makafika emnyango

Deliwe:”Mntanami umulayile kodwa.”

Gugu:”Hayi Deliwe kugqugqumzela lento"

Amanda:”Kahle ma.”

Aphume uDeliwe uGugu asale abuke umakoti wendodana yakhe anikine ikhanda lakhe…..

***ISIQEPHU 5***

***CEBILE***

Emva kokuzwa ingxoxo  kubantu abadala bomndeni uCebile athathe ucingo lwakhe aphume ngesango. Uthukile akafuni into ezohlukumeza umawakhe ubabomncane wakhe uButana uyamazi akacushwa ezintombini nasezinganeni zesikole afunda nazo ngisho nabasebangeni eliphansi. Akayifuni lento yenzeke uthukile ngoba umawakhe ungumuntu ongazwani nomsindo uzagcine sekavuma. Ahambe ebheke phansi aze afike enkundleni yebhola abafana abancane bayazidlalela khona abukele.

Kukhale ucingo lwakhe alubambe inombolo angayazi.

Cebile:”Sawbona.”

Kuthuleke

Cebile:”Hellow.”

“Ewuuu iphimbo lakho laze lazotha ocingweni nkosazana.”

Cebile:”Ungubani wena owazi iphimbo lami?”

“Usungikhohliwe ngokushesha nje nkosazana enhle.”

Cebile:”Ayyyy angikwazi mina mnumzane sahlangana kuphi?”

“Kusho ukuthi baningi ababone lobuhle bakho, ngicela ungabe usabanaka bandla.”

Cebile:”Sihlangene kuphi?”

“Besigibele itekisi elilodwa izolo ngaze ngehla nawe eKhumalos.”

Akhumbule lento ayitshelwe uMihla

Cebile:”Eyyy bhuti ungasazimosheli isikhathi sakho angisuye lomuntu ohlangene naye. Usisi womakoti wasekhaya uwujwayele lomkhuba. Yena unguMihla mina ngiwuCebile ngicela ungaphinde ungishayele.”

“Hawu ngaze ngadumala, ungangipha inombolo yakhe?”

Cebile:”Kulungile.”

Umunikela kuthi amulaye njengoba naye ahlale enza nje. Aluvale amubhalele umlayezo wenombolo kaMihla, amuthumele umlayezo wokubonga athi uyitholile. Ahlale uCebile athuke makabona imoto kabhuti wakhe omdala ipaka lapha  umubone andlula. Afike ahlale celeni kwakhe amubheke.

Nathi:”Wahlala wedwa esigangeni nje.”

Cebile:”Bengifuna kushawa umoya bhuti"

Nathi:”Ngiyakwazi mawufuna umoya kukhona okukuthusayo khuluma"

Amubekele indaba uCebile

Cebile:”Okungithusa kakhulu ubabomncane Butana uthanda amantombazane bhuti ngisho izingane ezifunda esikoleni.”

Nathi:”Asambe wena ungazikhathazi ngezinto ezinjena khululeka unake umsebenzi wakho wesikole ngeke ngivume kwenzeke uyezwa?”

Cebile:”Ngiyezwa bhuti uyazi umkhulu uhambe ethukuthele kanjani umama makanqaba.”

Nathi:”Khululeka nana ngeke kwenzeke umama uzonqatshelwa yimina.”

Amubambe ngesandla kuthi asuke kuletshe elikhulu ahlezi kulo bahambe bayongena emotweni. Lukhale ucingo lwaCebile

Cebile:”Sawubona.”

“Nkosazana yimina futhi ngiyaxolisa kukuphazamisa kepha ungithumelele inombolo eshodayo"

Cebile:”Ohhhhh ngiyaxolisa ngizoyithumela futhi"

“Ngiyabonga.”

Aluvale aphinde amuthumelele manje abhekisise  ziphelele

Nathi:”Indoda leyo bokhuluma nobani?”

Cebile:”Bhuti hayibo bekuyinombolo efuna uMihla wase ushayela mina wacela inombolo kaMihla.”

Nathi:”Ngiyathemba kunjalo ngoba hhey ubaba wangidonsa ngendlebe kuthi wena uyingilazi kumele ungaphulwa abafana nakancane.”

Cebile:”Yebo bhuti ngiyazi futhi ngeke ngiphuke ungakhathazeki.”

Baqhubeke nohambo baze bafike kubo bangene, bonke sebehambile angene afune umawakhe uanti wakhe amutshele ukuthi ulele. UNathi amukhombe bese uya emagunjini

Deliwe:”Nanazi wakhonjwa nje wenzeni?”

Amoyizele uCebile

Cebile:”Kungene ucingo olufuna uMihla bekuwumuntu wesilisa wase uyezwa.”

Deliwe:”Ngiyazi awuqomanga wena ngane kabhuti ungaphoxi umawakho ngoba uzokubulala ubhuti wakho.”

Angene uSinalo

Sinalo:"Nami ngingamubulala nya."

Cebile:"Uzobe ungibulalelani ngoba nawe umatasa ngamantombazane."

Sinalo:"Abafana bayadlalana ngeke bakuncenge balokhu bathi nanazi, unanazi uphelela la kuanti."

Deliwe:"Nawe uyadlala ngezingane zabantu."

Sinalo:"Angidlali ngazo anti yizona eziziphosa kimi manginqaba bese zingikhuluma kabi."

Bahleke

Cebile:"Anti ngicela nisize umama mina ngeke ngilunge makangashada nobabomncane Butana"

Deliwe:"Awukaze umuthande ubabomncane wakho wakwenzani?"

Cebile:"Esikoleni anti uyisoka lamanyala, uzofakela umama ukugula nje."

Sinalo:"Nami angifuni ngihlala ngihlangana naye ezindaweni esizihambayo njalo unamantombazane futhi akanazinhloni kuthi uyabukwa yena unguNkosi qha"

Deliwe:"Ngiyayiqabuka le eningitshela yona, kodwa nami ngikile ngamsola nje indlela enza ngayo izinto."

Sinalo:"Lomuntu bekashela umama ubaba asaphila."

Deliwe:"Hayisuka wena ukuthathaphi lokho?"

Sinalo:"Ngamuzwa anti noma ungamubuza umama ngiyacabanga azange akhulume ngoba angafuni kusuke umsindo."

Ashaye izandla uDeliwe abuke izingane zabhuti wakhe.

Sinalo:"Umgcine nini uMihla?"

Cebile:"Ngomncwabo kepha azange sixoxe, ungalinge uzifake lapho."

Sinalo:"Indaba muhle loskoni kodwa impilo yakhe uyibeke le phezulu"

Deliwe:"Wena sofuna kuthatha la kuthathe khona ubhuti wakho, ungazosihlanyela thina la."

Sinalo:"Ngeke ngikwenze lokho anti ukuncoma nje."

Cebile:"Uyiqedile iproject?"

Sinalo:"Asekhona amalanga, uphi umama?"

Deliwe:"Ulele ngimunike amaphilisi wokulala, phela umawenu akalali nje. Wena hamba uyoqedela leproject noma ngitshela uNathi ulokhu ucabangana naboMihla."

Sinalo:"Ngikhathele anti ngizobuye ngiyiqedele."

Deliwe:"Mawusuka la uzophuma ngalesango kodwa uthi ukhathele hamba uyobhala"

Kuqhamuke uNathi

Nathi:"Sinalo unomsebenzi wesikole olengayo ongakaqedwa?"

Sinalo:"Ngizowuqedela bhuti."

Nathi:"Nini masekubuye uPiet ePitoli, hamba uyobhala."

Anyobozele uSinalo aqonde egunjini lakhe, abheke uCebile

Nathi:"Wena awunawo umsebenzi?"

Cebile:"Cha bhuti."

Nathi:"Kudala nagcina eskoleni hamba uyobuyekeza umsebenzi wakho."

Asuke naye aye egunjini lakhe akhiye azigibelele embhedeni adlale ngocingo elokhu engena kumasocial media, agcine sekabanjwe isithongwane. Avuswe ucingo selukhala alubambe.

Cebile:"Sawubona."

"Ngiyaxolisa kukuhlupha futhi uMihla akatholakali ngiyamudinga ngempela"

Cebile:"Muntu weNkosi manje mina ngenzenjani?"

Lwazi:"Awuhlali naye?"

Cebile:"Cha."

Acabange uCebile ukuthi amulaye naye azokhawula kuphisana ngamanombolo wakhe."

Cebile:"Uyazi kwaMandlenduna?"

Lwazi:"Usomatekisi?"

Cebile:"Eya."

Lwazi:"Ngiyazi."

Cebile:"Iback opposite yakhona kodwa kubo kubheke komunye umgwaqo kukanjelwe ngezinsimbi ezimnyama."

Lwazi:"Ngiyabonga kakhulu uzongazisa ngikwenzeleni kokubonga."

Cebile:"Ukuthi uthande usisi wami ngingajabula kabi lokho kuyoba isipho engingeke ngisikhohlwe, futhi uyamudinga umuntu."

***ISIQEPHU 6***

***KWAMZOBE***

UMihla uqeda kupheka nonina ahambe ayogeza abuye azigcone kahle, intombi lena ihlala izilungisile ebusweni. Ngeke umufice engazigcobile kahle wazishuna, kukhale ucingo lwakhe alubheke inombolo angayazi, futhi lenombolo ike yamushayela. Alubambe abeke endlebeni.

Mihla:"Unkown number."

Lwazi:"Sawubona nkosazana."

Mihla:"Ubanike lo?"

Lwazi:"Kahle ulaka phela nkosazana yimina uLwazi phela umabhuqa udaka wakho."

Amukhumbule kahle nje phela bahlangane izolo avele acasuke uMihla aze abuke nocingo lwakhe azizwe ngathi usencolile nje.

Mihla:"Eyyy dodi womfana uyithathephi inombolo yami?"

Lwazi:"Hawu kahle ulaka phela ingani unginike inombolo engekho kahle, kudala ngikushayela Nongoza omuhle phela inhliziyo yami ithatheke ngempela la kuwe."

Mihla:"Lalela la wena sichitho ungaphinde ungishayele ngoba ngizokufakela izinja"

Aluvale engakaphenduli aqhubeke nakwenzayo

Mzobe:"Mihlayenkosi."

Abheke emuva ubaba wakhe ume emnyango

Mzobe:"Ubani lo ubumuthuka kangaka?"

Mihla:"Omunye umfana baba uyangicasula nje."

Mzobe:"Pho umupheleni inombolo yakho?"

Mihla:"Angimunikanga yazi baba angazi uyithathephi."

Mzobe:"Sesi umfana akathukwa ngalohlobo uma ungamuthandi mutshele kahle ngoba awulazi ikusasa."

Mihla:"Baba lona akezwa kunini ngimutshela kuthi ahlukane nami."

Mzobe:"Wuuuuuu valela inombolo yakhe ke angasakhoni kukushayela, usukhulile ngane yami futhi uziphethe kahle njengosesi wakho ngifuna kukubona ushadela emndenini oqotho."

Mihla:”Kanti lomfanake ke baba ngeke angiphe lokhu ubhuti Nathi akupha usisAmanda akanamali uhlezi encolile nje ngathi ubhuqa udaka.”

Ahleke ubabakhe

Mzobe:”Hawu wena uzomugeza angithi abe yilento oyifunayo, imali ayisikho konke yebo iyadingeka kodwa uqaphela ingakulahlekisi ngezinto ezinhle. Mina ngithi kuwe sebenza wenze eyakho imali mntanami ungachazwa imali yendoda. Uma ubona umfana mufunde kuqala kuthi ukhuluma kanjani nawe.”

Mihla:”Usho kanjani baba?”

Mzobe:”Umfana ozokuhlonipha uzokhuluma nawe kahle futhi umubheke ukuthi uyamunakekela umawakhe kuqala. Umfana ongenayo impatho umubona ngendlela akubuka ngayo, uzohlezi ezibeka phezulu ngathi wena awuyilutho uqaphele ndodakazi.”

Mihla:”Ngiyezwa baba.”

Kuhleke umaMzobe ezindlulela egunjini lendodakazi yakhe

Mzobe:”Uhlekani na nkosikazi?”

Umubuza uyamulandela ashiye indodakazi yakhe iqhubeka nokuzilungisa.

MaMzobe:”Ngihlekiswa ilenkulumo yenu yazi lendodakazi yakho ngiyathemba ikuzwile ngoba ngathi imali ihamba phambili.”

Mzobe:”Ugqugquzelwe ilempilo kasesi wakhe phela lowo uphakathi komhlane nembeleko.”

MaMzobe:”Akakwazi ukuhalela impilo yomunye kumele ahambe olwakhe uhambo. Baba vala umnyango sizoxoxa.”

Mzobe:”Akuxoxeki kanti umnyango uvuliwe usuqalile nkosikazi ngalomkhuba wakho emini nje.”

MaMzobe:”Uyazi baba angithi bekungenzeki lutho phela uyabalisa umzimba myeni wami.”

Abhocobale uMzobe azame kufulathela amugijimele umaMzobe avale umnyango.

MaMzobe:”Ngiyaziswisa ngesimo sempilo baba wezingane zami kodwa udokotela uthe siqhubeke sizame ngelinye ilanga kuzokwenzeka kuze kujwayeleke.”

Mzobe:”Ewu nkosikazi ungifakela incindezi bese kuxega amadolo.”

MaMzobe:”Khululeka nje baba makungenzeki mina ngeke ngikubuke ngelinye iso ungumyeni wami ngiyakwazi isilwane owawuyiso manje uhlulwa isimo nokukhula.”

Mzobe:”Awuthi ngingene endlini encane nkosikazi.”

Asondele kuye umaMzobe amumoyizelele

MaMzobe:”Cha myeni wami awudingi philisi ngifuna wenze ngemizwa yakho.”

Azame kumuqabula kepha kunzima kuMzobe ngoba uba nezinhloni makungenzeki lutho. Bathuswe ukumemeza kwaMihla emnyango kube yithuba likaMzobe lokuphunyuma.

Mihla:”Mama ngisaya kuSbongile.”

MaMzobe:”Lungisa izitsha sizodla nobaba kuqala sesi"

Mihla:”Hawu ma izitsha ezimbili nje ungavele uzikhiphe ekhabetheni uphake.”

Babukane abazali bakhe avule umnyango umaMzobe asale ebhocobele umyeni wakhe ngalento eqeda kwenzeka, uzizwa angesiyo indoda ephelele nje. UmaMzobe aphume sekathethisa indodakazi yakhe kuthi yenze lokhu okumele akwenze. Azikhiphe izitsha makaqeda aphume makafika esangweni abone iloli elithwele amalahle. Asalimangalele ngoba awandluli amaloli anjena kulendawo yakubo phela awukho umuzi osabasa isitofu samalahle. Kwehlike umuntu angafuni nokumubona avele adineke egcineni afise nokubuyela emva. Asheshe uLwazi aze amufice

Lwazi:”Ngiyaxolisa ukutheleka ungangibizile nkosazana ngihlulwa uthando bandla.”

Mihla:”Ufuna ngikutshele njani ukuthi awusiyo inhlobo engathandwa yimina hamba uye kulaba abalingana nawe.”

Lwazi:”Hawu usho ukuthi wena awusuye untanga wami?”

Mihla:”Singaba bontanga kepha awusiyo inhlobo yami wena awuyilutho, uyangibona mina"

Lwazi:”Ngikubona kahle"

Mihla:”Ngicela usuke phambi kwami ungifakela amehlo abantu, usebenza emalahleni.”

Lwazi:”Hawu nkosazana.”

Mihla:”Uwathathephi amanombolo wami?”

Lwazi:”Kumnikazi walenombolo onginike yona ushilo kuthi kube yiphutha.”

Acasuke uMihla

Mihla:”Uyabona lowo ngikunike inombolo yakhe ngoba ningafanelana hhayi mina.”

Makathi uyahamba amubambe isandla uLwazi kuthi azisakaze phansi uMihla

Mihla:”Hayibo awubheke unginindile sekumele ngibuyele emuva manje nxxx uyisichitho wena.”

Abuyele emuva balandelane elokhu eshesha la celeni kwakhe uLwazi yize amagama abe buhlungu kepha inhliziyo yakhe iyasha. Masebazondlula ngakuleloli lakhe kunowesifazane osokhulile uyamele ngalo. Amubheke kabi uMihla.

Mihla:”Wuuuu uhamba nabanye bomadakeni babogogo"

Lwazi:”Umawami lo.”

Mihla:”Kusho ukuthi umndeni wakho bomadakeni bonke kgaaaaa.”

Athinteke uLwazi phela akafuni lutho ngomawakhe yize angezwanga lutho umawakhe, angabe esamulandela abuyele kuye.

Lwazi:”Hawu mama uphumeleni phakathi?”

MaKhoza:”Bengifuna ukushawa umoya ndodana usuqedile ngokuthatha ioda la boyolithatha khona?”

Lwazi:”Angitholi ma kungenzeka babhalise ikheli okungelona ngephutha.”

MaKhoza:”Hawu kodwa ngivele ngasola kulemizi enjena, ndodana ngomile"

Lwazi:”Sizowathenga egaraji ma.”

Azame kudumisa imoto ingasuki ibange omkhulu umsindo lo ikhiphe nentuthu.

Lwazi:”Eish.”

MaKhoza:”Isiqalile futhi leloli kahleni bo ilanga Iizosishonela kude kanje mina ngomele amanzi"

Lwazi:”Ithi ngibone ukuthi akuqhaqhekanga lentambo bengiyifasa ngaphansi”

MaKhoza:”Kulungile ndodana.”

ULwazi makangena phansi kweloli umawakhe ahluleke ayongena komunye umuzi phela womile ngempela. Angene ngoba nakhu isango livuliwe akokode emnyango kuvule intombazane enhle aze amoyizele umaKhoza eseyithandela indodana yakhe.

MaKhoza;”Sawubona mntanami bengizocela amanzi nje.”

“Yazi ngiyalingwa namuhla ngisehlane ngicela uphume.”

Amangale umuntu omdala aze ayibhekisise lentombazane abeyincoma ubuhle bayo.

MaKhoza:”Angidingi mali nje mntanami ngizicelela amanzi nawu nompompi ngizoziphuzela khona.”

Ingamunaki intombazane iphume ngoba ayifuni abazali bayo babone bese uphusha lomama ngathi uyamunukela. Amuphushe aze awe umntomdala uLwazi aphinde agibele idume iloli bese uthalaza umawakhe amubone egcekeni lakhabo Mihla ephansi.

Aphume aqhasha makafika amangalele uMihla kanti unenhliziyo elukhuni ngalohlobo amusukumise.

Lwazi:"Ma uhambeleni?"

MaKhoza:"Ngomele amanzi ndodana."

Aphakamise amehlo abheke uMihla amubone egcwele inzondo ngenye indlela.

Lwazi:"Ave unenhliziyo embi noma ngabe umubona engelutho usungaze umuphushe ngalohlobo"

Mihla:"Phumani ekhaya bo"

Lwazi:"Yazini ngiyabonga ngalesenzo ngiyabonga nje ngisheshe ngikubone uhlobo lomuntu oyilo kusemanje."

Mihla:"Anginamsebenzi nalokho phumani."

Kuvuleke umnyango kuvele umaMzobe baziphumele.

MaMzobe:"Mihlayenkosi kwenzakalani lapho."

Mihla:"Nanka amaphara abezoganga la."

Lwazi:"Siyaxolisa mama besicela amanzi kwase kwenzeka okunye kepha sesikahle."

MaMzobe:"Mana ndodana ngikukhelele ufuna abandayo?"

MaKhoza:"Cha dadewethu akahle wona lawa empompi."

Lwazi:"Siyabonga mama ungazikhathazi ngibonga umusa wakho, ngaze ngafisa ukube indodakazi yakho ifuze wena ngenhliziyo enhle."

MaMzobe:"Mihla wenzeni?"

Mihla:"Lutho ma."

Afulathele uLwazi nomawakhe inhliziyo yakhe ibuhlungu ngenye indlela. Ukhule evikela umawakhe kusukela emncane. Ukumubona ewe phansi kanje kwenze abuke uMihla ngenye indlela yize athathekile ngaye kepha akafuni kulanda umuntu ozoba wuhlupho emzini kamawakhe. Bagibele elolini lilokhu liduma nalo selikhipha intuthu emnyama ayisuse bahambe njalo….

***ISIQEPHU 7***

***LWAZI***

Bahambe sebalibangise egaraji umawakhe elokhu emubuka

Lwazi:"Ungibukani ma?"

MaKhoza:"Lentombazane besize kuyo la?"

Lwazi:"Ngiyaxolisa mama ukuza nawe la ukuthi ngibone isikhathi kanti bengifisa ukumbona. Kusasa nginomsebenzi omningi ngeke ngithole ithuba lokuphuma."

MaKhoza:"Kukhona okwenzekayo phakathi kwenu?"

Lwazi:"Bengifisa kube khona kepha ngiyabona ngeke, ayinanhliziyo lengane kanti nolwimi lwayo ukhafula umlilo nje."

MaKhoza:"Ngivulelwe nguyena emnyango nami ngimubuke ngaheheka nguye ngamuthandela wena"

Bahleke

MaKhoza:"Uzomuthola umaqondana wakho ndodana, kodwa ngomile."

Lwazi:"Siyafika manje ma."

Makaqeda kusho njalo nje sebalihambile nebangana icime futhi adideke bandla uLwazi babukane nonina ehlike. UmaKhoza yena uthalaza umuzi oduzane angacela kuwo amanzi ngoba womile phela. Asankunyankunya iloli uLwazi kuqhamuke owesifazane eshova ibhayisikili ugqoke izinto zokujima. Ababuke masekabona umaKhoza amise ibhayisikili lakhe kepha amele buqamama kunabo.

"Unjani ma?"

MaKhoza:"Ngiyaphila sesi."

"Ingabe nidinga usizo?"

Angakaphenduli umaKhoza asuke phansi kweloli uLwazi azobuka lephimbo elikhuluma nomawakhe. Amubuke owesifazane uLwazi makabona indlela angayo abone nje uyilenhlobo kaMihla angafuni nokuthi asondele kuyo angaze aphoxeke.

"Unjani bhuti ngiyaxolisa kuniphaphela ukuthi ngibone umama lizoshona ilanga manje lendawo ayikho kahle."

Lwazi:"Ngifelwe iloli akukho engingakwenza qhubeka ngohambo lwakho sisi."

Abuye abheke umaKhoza ehlike kwibhayisikili yakhe ayimise emva kweloli akhiphe isigubhu kulesikhwama asitetile aphuze aphinde asibuyisele.

MaKhoza:"Hawu ndodana ngicela amanzi bandla"

Lwazi:"Mama sesizofika egaraji.'

MaKhoza:"Kudala ngomile ndodana hawu"

Athule uLwazi aqhubeke neloli lakhe amangale makabona lentombazane isondela kumawakhe. Angabi nenkinga kuthi ugcwele ubumnyama bamalahle amugaxe amunike isigubhu bayohlala etsheni. Awaphuze umaKhoza amanzi aze awaqede.

MaKhoza:"Ngiyaxolisa ngane yami sengiwaqedile amanzi wakho."

"Khululeka mama noma sengikuphuzise amathe wami."

MaKhoza:"Hamba manje sesi bazokufuna ekhaya."

"Ngeke nginishiye la mama kuyingozi ngiyanitshela"

Lwazi:"Manje makuqhamuka ubungozi wena uzosivikela?"

"Ngiyalishaya idolo mina endodeni esangene"

Amoyizele uLwazi anikine ikhanda aqhubeke nakwenzayo, asondele ayogoba kuLwazi la alele khona wangena phansi kweloli.

"Bhuti ngicela kuhamba nomama ukuya ekhaya lendawo ayikho kahle noma nginimukise lapha egaraji ekukhanyeni."

Lwazi:"Bazotshontsha lamalahle omlungu kuyafana."

"Kantike impilo ibalulekile kunalokhu uzophinde wenze enye imali uwathenga impilo iza kanye."

Asukume uLwazi ayoyidumisa futhi idume ajabule.

Lwazi:"Ngiyabonga kodwa sizohamba nomama."

Asukume naye makezwa ukuthi iyaduma

MaKhoza:"Ndodakazi uNkulunkulu akubusise ngomusa wakho, nawe hamba bangaze bakubambe"

"Nihambe kahle mama."

Asuke amuhage aphinde amangale uLwazi amubuke, intombazane izigibelele ibhayisikili yalo. Ivalelise ishove ihambe

MaKhoza:"Hawu sekashiye isigubhu sakhe."

Lwazi:"Ngena ma sihambe."

Agibele umawakhe elolini bahambe.

MaKhoza:”Ucabangani ndodana?”

Lwazi:”Indaba yakusasa kumele ngihambe ekuseni manje leloli elingihlupha kanje ngizokwenzanjani maselifa emgwaqeni?”

MaMlangeni:”Ngizobe nginawe ndodana sizokwenza icebo.”

Lwazi:”Cha mama kusasa ngizohamba ngedwa kumele usale unakekela ubaba"

Baqhubeke nohambo  baze bafike endlini bangene sekufuthumele

MaKhoza:”Hawu kahleni bo baba ungangitsheli ukuthi nguwena obase lestofu uphumulile nje?”

Khoza:”Kahle ulaka bo ngizizwa nginamandla namuhla, kusasa ngihamba nawe ndodana.”

Lwazi:”Baba lamasaka iwona akulimaza angithi ngeke ngivume uhambe nami nomama ngiyamushiya nje.”

Khoza;”Ndodana ngifuna kuyobona omunye umhlobo wami wakudala esasungula naye lento yamalahle, uhlala ngala oyofakela khona"

Lwazi:”Baba kodwa ungomunye umuntu phela makahlala ngalapho kusobala thina siyofakela amakhasimende akhe ngeke akwamukele"

Khoza:”Hawu Mkhathini yena kudala sekawayeka amalahle, awungitshele kuhamba kanjani ekwakheni?”

Lwazi:”Eyyyyy baba  ngiyakukhumbula izinto azihlangani kahle"

Ayidabukele indodana yakhe ayibuke aphakamise amehlo abheke inkosikazi yakhe.

Khoza:”Ndodana mina ngithanda indlela ozinikele ngayo kuleshishini noma linzima nje. Ngivumele sihambe sonke kusasa sibheke nasekwakheni"

Lwazi:”Ngiyezwa baba.”

Khoza:”Usuwakhe izindlu ezingaki?”

Lwazi:”Ziningana kodwa zinezinkinga nje nazo, baba ngidinga umuntu ozongisiza lapha.”

Khoza:”Mufune ndodana nje"

Lwazi:”Uzosidulela baba phela labochwepheshe bayabiza"

Khoza:”Ithi mina ngiyobona bese sixoxa ngento engiyibonile"

Lwazi:”Ngiyabonga Mgasela.”

Aphume ayogeza elawini lakhe abuye sekahlanzekile adle bese uyolala, uKhoza ulokhu uyibukile indodana yakhe ize iphume.

Khoza:”Ngiyazi uphazanyiswa indaba yaleshishini nami ukuthi ngiyagula ngapha, kepha ngathi kukhona okunye nje.”

MaKhoza:”Eyyy baba kunentombazane emuphoxile ave inonya nayi ingane.”

Khoza:”Intombi yakhe na?”

MaKhoza:”Angazi baba kodwa uthe kimi abefisa kumuthatha manje umuphoxe ngalento ayenzile angenze yona.”

Khoza:”Nkosikazi khuluma indaba ephelele, ukwenzeni?”

Amuxoxele ngesenzo sikaMihla, lizihlekele ikhehla

Khoza:”Hawu nawe uze uyohalela amanzi wasemzini ubunani na.”

MaKhoza:”Besengome kakhulu baba.”

Khoza:”Kuhle ngoba kusheshe kwabonakala uhlobo ayilo, umfanami ushimile maaan zonke izintombi zidlala ngaye nje"

MaKhoza:”Kuncono ahlale umfanami ayeke yonke lento yokushada.”

Khoza:”Ayikho indoda efuna ukuhlala yodwa ize ikhule, abafowabo bazolokhu bemucala la mabafika namakhosikazi abo.

MaKhoza:”Bonke abobhuti bakhe bafike kulomnyaka akuwo sebaganiwe angazi nje ngendodana yami, baba awucabangi ukuthi simuyise emuntwini amuhlole.”

Khozs:”Cha mina ngifuna indodana yami ijabulele uthando lwangempela hhayi lokwenziwa.”

MaKhoza:”Ngisayohlamba baba.”

Ngale elawini likaLwazi ulele ubheke phezulu ucabanga izindaba zakhe zothando. Unentokazi ayethandana nayo iihlala gale komgwaqo banengane eyodwa nayo wayeyithanda lentokazi nayo imuthanda. Yasuke yamushintshela nje ingasajabulanga sebehlala bexabana. Ngolunye usuku wayibamba nowesilisa beqabulana kwakuthi afe uLwazi.

Intukuthelo yayiphuphuma enhliziweni yakhe kepha ubuhlungu yibona obabuphuphuma kakhulu. Kusukela lapho wakhohlwa izindaba zothando sekuze kuphele iminyaka emihlanu esaba ukuthanda intombazane. Uyahlangana nawo aheheke kepha azikhuze makacabanga ubuhlungu abuzwiswa  umama wengane yakhe. Uthe makabona uMihla wazidela wazitshela ukuthi uzomuthanda naye nakhoke sekamugila naye.

Ngaphakathi kuye uyabonga ukuthi kusheshe kwavela kunokuthi kuvele sebasothandweni. Akhumbule lento abeyikhuluma nalo omunike inombolo kaMihla, umuthembise ukumthengela isipho yena wacela ukuthi athande usisi wakhe. Athathe ucingo lwakhe acishe inombolo kaMihla bese ushayela uCebile.

Cebile:”Sawubona.”

Amoyizele indlela abamba ngayo ucingo iyamuhlekisa ngoba abantu bathi hellow.

Lwazi:”Unjani nkosazana?”

Cebile:”Ngiyaphila bhuti, ingabe umtholile?”

Laazi:”Ngimutholile kepha kwenzeke okuthile nje okungiphethe kabi.”

Cebile:”Hawu kwenzakaleni?”

Lwazi:”Ungibonisile ukuthi akusinguye umuntu okwazi ukuzehlisa kodwa akusiso isizathu esenze kuthi ngikushayele leso"

Cebile:”Kungani ungishayele?”

Lwazi:”Ngiyazisaba izikweledu manje ngoba ngikuthembise isipho ngicela kukunika sona.”

Cebile:”Cha khululeka bhuti ngoba akusenzekanga lokhu obukuhlosile, ungazihluphi"

Lwazi:”Sengisithengile nje"

Usho uqamba amanga nje

Cebile:”Uthenge ini?”

Lwazi:”Cha phela uzozibonela masosivula.”

Cebile:”Kulungileke ngiyathemba awucabangi okunye nje ngoba izinto zingahambanga kahle la inhliziyo yakho ikhona.”

Lwazi:”Usho ukuthini nkosazana?”

Cebile:”Mangabe uyilenhlobo yabafana abadlala ngezingane zabantu, ungasilethi leso sipho ngoba uzobe ungalethanga sona isipho kepha uzongibheka ukuthi nginjani uzokwazi kungimukisa embhedeni wakho.”

Anikine ikhanda uLwazi

Lwazi:”Cha ngizokunika isipho sakho ngibonge ngeke sixoxe nokuyaphi kepha uma ungathandi inkinga ayikho ngizosipha ingane nje emgwaqeni. Noma ngiphe ikheli lakini ngizosidiliva kanjalo ngeke ngikubone.”

Cebile:”Inkinga ayikho ngizokushayela kusasa mangibuya eskoleni.”

Lwazi:”Kusasa ngizobe ngisebenzela kude nala angiboni ukuthi ngizokhona”

Cebile:”Wenza msebenzi muni lo okukhiphayo uke ushawe umoya?”

Acabange indlela uMihla abemuphoxa ngayo abe nezinhloni

Lwazi:”Kumele ngilale nkosazana ngizovuka ekuseni kakhulu kusasa ngiyabonga ngesikhathi sakho"

Cebile:”Uzwakala ngathi aweneme ingabe kukhona engikushilo kuwe?”

Amangale uLwazi aze aphakame ahlale ngezinqe

Lwazi:”Awungazi kangako kuthi usungezwa mangiphatheke kabi ngephimbo nje.”

Cebile:”Angazi nami noma ngizwa ngaphakathi kimi na, ezinsukwini iphimbo lakho beliphila kepha manje lidangele nje.”

Lwazi:”Angiphathekile kahle uqinsile kepha akusiyo into enkulu.”

Cebile:”Uyazi ubaba wami wayehlala athi uma ungajabulanga bhekana nalento ekwenze ungaphatheki kahle, kepha uma kuyinto ongakhoni kubhekana nayo ndlula kuyo. Ungayiniki amandla ekutheni ikubhocobalise ngoba wena kwamele wenze isiqiniseko sokuthi awumosheli abanye abantu indawo kulomhlaba ulokhu uqudulile. Jabula usaphila futhi uNkulunkulu usakuphe ithuba lokuthi ujabule ukuya phambili. Injabulo yakho isezandleni zakho.”

Lwazi:”Hayibo nkosazana.”

Cebile:”Yebo phela phumula uzovuka ukahle kusasa ukhumbule ungavumeli isimo sikubhocobalise.”

Lwazi:”Ubani igama lakho?”

Cebile:”Cebile Nkosi.”

Lwazi:”Ulale kahle maNkosi.”

Cebile:”Ulale kahleke.”

Lwazi:”Mana phela mkhozi wami omkhulu ngicela ikheli lakho"

Cebile:”Ngizokuthumelela ikheli leposi uzofaka eposini.”

Aluvale angakaphenduli asale alubheka locingo amoyizele acishe ugesi alale…

***ISIQEPHU 8***

***KWANKOSI***

Sekundlule isonto lonke uNkosi abekiwe endlini yakhe yokugcina, konke kukahle umndeni uqhubekela phambili ngempilo. KuGugu kunzima nje ikakhulukazi makacabanga lesinqumo okumele asitshele umndeni wakhe. Kuqhamuke uCebile nezincwadi zakhe azibeke phezu kwetafula

Cebile:"Sanibonani."

MamGugu:"Unjani mntanami?"

Cebile:"Ngiyaphila ma."

MamGugu:"Uphuma ngobani isikhathi namuhla?"

Cebile:"Ngizosheshe ngibuye ma ngoba bayosifaka kumaqembu for ukuyokwenza amapraticals ezindaweni ezahlukene."

Nathi:"Wena ubatshele ufuna ukuya eNkosi logistics sinawo ama Architect khona."

Cebile:"Cha bhuti ngiyabonga mina ngifuna la engizosebenza khona ngithole ulwazi phela lendodakazi kaMondli Nkosi izovula ishishini labadwebi bokwakha egameni likababayo. Manje mangiza lapho ngiyototoswa ingane kaboss."

Amoyizele uNathi nomawabo

Nathi:"Uyigazi lami wena unguNkosi hamba dadewethu mangabe akuhambi kahle ngizokufunela la ozobamba khona."

Gugu:"Ukhulile thumbu wami yazi ave ngifisa ukuthi ubaba wakho akubone soyogqoka ijazi, uzobona ukuthi lentukuthelo ayenayo ngokungafuni ube wudokotela ibizophela."

Cebile:"Ngeke ngilukhohlwe lolo suku, kodwa wagcina sekavuma ngokhetho lwami."

Nathi:"Kumele ubonge uSinalo nguye wamukhulumisa."

Cebile:"Kungani ubungibuza kuthi ngibuya nini?"

Gugu:"Ngifuna kuya esalon manje bengifuna ungiphelezele yazi amehlo abantu nozwelo kuyangicasula nje."

Amanda:"Awufuni mina ngikuphelezele?"

Gugu:"Akukho enikwenzayo nomyeni wakho noma abangani bakho."

Amanda:”Abangani baphi ma ngoba ngibakhiphile esikhwameni phela mina ngiyinkosikazi yomuntu manje ngeke ngilokhu ngigcwala imigwaqo ngathi ngilahlekelwe imali.”

Babukane emehlweni amoyizele uNathi mabakhumbula ukuthi abahlelanga bodwa uNathi asukume.

Nathi:”Ohk let me love and leave you family.”

Gugu:”Uhambe kahle ndodana.”

Aqabule umkakhe aphume uCebi azibambe esifubeni adonse umoya

Cebile:”Ohhhhhhh sis Amanda ngaze ngafisa ukuthola umyeni nami ozongibuka njengobhutNathi bese ungicishela iso angiphulule ngaphansi kwetafula"

Amanda:”Cebi hayisuka mama ngisayozilungisa kungakagcwali.”

Gugu:”Hamba sesi.”

Asukume umawakhe abheke uCebile

Gugu:”Wena tshela mina ubani lo ohlezi uxoxa naye ebusuku uhleke futhi"

Cebile:”Mina mama.”

Gugu:”Wena kanye ubani ingabe usunesoka angithi sakhuluma ukuthi masonesoka uze kimi sikhulume kungaze kwenzeke lento eyenzeka?”

Abheke phansi uCebile

Cebile:”Mama mangingakutshela uzongithethisa.”

Gugu:”Ngitshele ngilalele.”

Cebile:”Angimazi lomuntu engixoxa naye ma.”

Gugu:”Umthole kufacebook?”

Cebile:”Cha mama.”

Amuxoxele ngoMihla nomkhuba wamanombolo

Gugu:”Ngane yami uzophatheka kabi futhi, usungaze ujwayele umuntu ongamazi kanjalo"

Cebile:”Asithandani mama kodwa ngiyafisa ahlale angishayela angazi kwenzakalani, ngeke ngimukhombe noma uysixhwala noma njani angazi.”

Gugu:”Kodwa  ukwenza uzizwe ncono ujabulile?”

Cebile:”Way ma.”

Gugu:”Uyakwazi ukuthi ungubani? Phela labafana abezwa sesi ungathola ukuthi omunye uButana ufuna imali nje qha"

Cebile:”Akangazi mama"

Aqhamuke uAmanda sekagqokile waba muhle bayongena emotweni bonke, baqale bashiye uCebile eskoleni baqhubeke nohambo lwabo.

Amanda:”Mama uzothini kumndeni?”

Gugu:”Ngane yami angifune myeni mina, bagijimisa imali nje"

Amanda:”Ubabomncane Butana naye ngendlela ashintshashintsha ngayo izimoto zikababa mina angithandi yazi kungani umvumela ma?”

Gugu:”Ngane yami abakwenze abakufunayo mina ngifuna ukuthula nje angifuni ukulwa nabo futhi.”

Amanda:”UNkosnathi uthi uyamunqanda makathi uyalwa ngezinto zikababa.”

Gugu:”Ngimukhuzile angifuni indodana yami iwelwe iziqalekiso ngento yakulomhlaba. Wena mugqugquzele ukuthi aqale elakhe ishishini ngoba ngiyezwa nje egazini sizohanjiswa izinkantolo sekufuneka imali"

Amanda:”Mama ngiyaxolisa ubaba ngathi ukushiye enkingeni nje.”

Gugu:”Kuzondlula ngane yami, naku sifika.”

Bangene esalon azilungise belokhu bezixoxela abantu, kungene owesilisa ehamba nengane yentombazane.

Rose:”Hay baby daddy nenzani namuhla?”

“Sanibonani, ngilethe ukuthi umqhine kodwa hhayi into ezothatha isikhathi eside.”

Rose:”Umawakhe akamulethi ngani azokwazi ukumulinda lesalon akusiyo yamadoda ngoba thina sizivezele amathanga wethu futhi siyadunusa noma ikanjani"

“Ngizomulinda la ngaphandle.”

Rose:”Cha hamba ugcwale idolobha mangiqeda nje ngizokuthinta umulande.”

“Cha sisi ngeke ngishiye ingane yami la, kuzoba malin?”

Rose:”Eyyy nawe namuhla ngoba ugezile uyachoma"

Anikine ikhanda umlisa aziphumele amubuke umaNkosi

Gugu:”Lomntanakhe uhlala aqhina la?”

Rose:”Yebo ungafunga kuthi ayinanina lengane kanti unayo.”

Gugu:”Pho uphi umawayo?”

Rose:”Wabhunguka nomunye umlisa manje usemaGoli ingane ihlala nogogo wayo ozala unina akaphilanga naye kahle angakhahlela ibhakede noma nini.”

Gugu:”Awwww bantu kwaze kwakuhle kona.”

Rose:”Amanda shesha makoti uvule lawo mathanga uyamubona umamezala wakho uhalela ukuba ugogo manje uzoze acoshe izingane emgwaqeni"

Amanda:”Wena kodwa into ongayisho leyo na"

Rose:”Ngiqinisile buya ngapha sesi"

Isukume ingane bayoyigeza izinwele baqhubeke nokuningi, Baqede kuqala bomaNkosi bahambe aphinde amubuke lomlisa ozinakekelela indodakazi yakhe.

Amanda:”Mama wooooo ngamane uhambe uyosebenza ekhampanini kababa kunokucosha lengane uzozilandela izinkinga eziningi.”

Gugu:”Hhey ngane yami kanti nami nginezami kodwa ngizwa ngimuthanda lomfana phela bayabaleka  abesilisa manje ingane isale ilamba la.”

Kukhale ucingo lwakhe bangene emotweni

Gugu:”Gugu hellow"

“Hi mem ukhuluma no Advocate Mokoena ummeli womyeni wakho ongasekho.”

Gugu:”Ngiyakuzwa ngingakusiza ngani?”

Mokoena:”NgoMsombuluko ngiyeza ukuzonifundela ifa lomyeni wakho wonke umndeni okumele ube khona sengiwushayele.”

Gugu:”Kumele ngabe kudala weza ubuvinjwe yini?”

Mokoena:”Ngiyaxolisa mam Nkosi umsebenzi nje obungibambile"

Gugu:”Kulungile sizobona ngawe.”

Aluvale abheke uAmanda amutshele

Amanda:”Its about time mama kunini silindile kodwa bekumele eze emva kwezinsuku ezintathu simubekile ubaba angithi"

Gugu:”Uthi bekabanjwe umsebenzi.”

Amanda:”Namuhla uLwesithathu uyofika nini loMsombuluko awushoyo"

Gugu:”Asiqale la ezitolo ngicoshe izinto zokugeza sengiphelelwe.”

***ISIQEPHU 9***

***LWAZI***

Usalindile ngaphandle kukhale ucingo lwakhe alubheke aluphendule.

Lwazi:”Sizakele.”

Siza:”Mnumzane abafundi sebafikile uthisha wabo uthi akakwazi kubashiya wena ungakasayini isivumelwano''

Lwazi:”Shit ngikhohliwe yazi ngiyeza manje angikho kude, bawungakhi?”

Siza:”Baningi kepha uthi nizoxoxisana ngenani ozolithatha"

Lwazi:”Ngiyeza"

Angene phakathi indodakazi yakhe basematasa ngayo isalungiseke inxenye yezinwele.

Lwazi:”Malini?”

Rose:”Uzokhokha makaqeda.”

Kwazi:”Ngiyamuthatha kukhona la engiphuthumela khona"

Rose:”Akakaqedi"

Lwazi:”Eyyyyy akunandaba ngizomubuyisa kusasa.”

Rose:”Ohk kodwa awungitshele uzongipha nini lento ephakathi kwemilenze ngoba hayibo hayibo mangithi ngiyayibona ingaka.”

Bahleke abantu uLwazi abuke indodakazi yakhe angamunaki akhiphe uR200 awubeke celeni kwakhe athathe ingane yakhe.

Rose:”Hayibo hunky man iningi lemali.”

Lwazi:”Thenga isimilo ngoshintshi.”

Aphume uLwazi bangene emotweni amufase kahle ibhande, acabange ukumuyisa kubo kuqala kepha akafuni kulindisa abantu. Kuncono kube abengazi ngabo kodwa manje lesikole samushayela emavikini amabili andlule.

“Baba kanti igama lamama usfebe?”

Athuke uLwazi aze abuke indodakazi yakhe izidlalela ngonodoli wakhe.

Lwazi:”Ungaphinde usho lelogama ulizwephi Nozibusiso?”

Nozi:”Kusho lomama odla ichappies kanje.”

Alinganise ukuhlafuna kabi uLwazi abone nje ukuthi ukhuluma ngoRose, uyamucasula uRose kepha uthanda ngoba uyakwazi kunakekela amakhasimende akhe kahle. UNozibusiso uqale kumuyisa khona esemncane kakhulu zikhula kahle izinwele zakhe. Ngempela makaqhamuka naba abafundi basabalele kulezindlu ezingakaqedwa kuwakhiwa. Ehlike avulele uNozibusiso amubambe ngesandla.

Lwazi:”Ungasuki celeni kwababa uyezwa kunezinto ezilimazayo la"

Nozi:”Kulungile baba"

Amuhlangabeze ulecture wabafundi basenyuvesi baxhawulane

Lwazi:”Ngiyaxolisa ngokunilindisa"

Thisha:”Khululeka uyazi sesifunde nokuningi bakhona ukukubona ngamehlo, ngihamba nabafundi abawu20 ngizocela inani olithathayo lithole amapracticals la. Kunabosonkontileka kanye nabadwebi bezakhiwo (architects).”

Lwazi:”Ngiphe bokhontileka abahlanu kanye nabadwebi ababili, ngibona namantombazane mawungakhona bandla ngicela amadoda wodwa"

Ihleke ilecture

Thisha:”Anani amantombazane mnumzane?”

Lwazi:”Bayahlupha labantu nezisebenzi zami zizodideka"

Thisha:”Ithi ngiye kuboke.”

Amufulathele uLwazi naye aqonde ehhovisi lokwenziwa noNozibusiso ezwe sebamubiza asondele. Abafundi sebamile phakathi kwabo kukhona amufanisayo kodwa akazi umazelaphi.

Thisha:”Laba engibakhethile bazosala la ngicela ningangiphoxi unyaka wenu wokugcina lo kumele umnumzane anginike iliphothi elihle ngani. Nonke ninamalog book lapho nizosayinda nomnumzane njalo umsebenzi eniwenzile. Ingabe kukhona ofuna ukukusho mnumzane?”

Asondele uLwazi amehlo wonke sewamubhekile pho ujwayele kusebenza nabantu amahloni awekho kuye.

Lwazi:”Ngicela ukubona abasalayo.”

Basondele kodwa kunamantombazane amabili kubo abheke uthishela wabo, ahle aphendule makabona isimo sobuso bakhe.

Thisha:”Oyedwa ungumdwebi mnumzane ngiyakuthembisa akahluphi, omunye usonkontileka unewele labhuti wakhe abakhoni kuhlukana.”

Lwazi:”Bafundi ngiyathemba sizosebenzisana mina ngiwumuntu onganceni kufundisa kepha engingazwani nakho umuntu ongagcini iskhathi nalo ogcwele ukudlala.

Masingasebenzisana baningi abangathola umsebenzi kwabanye osomabhizinisi bendawo ngizobakhulumela.”

Bashaye izandla

Lwazi:”Nizongena kuwo wonke umsebenzi nibone okwenziwayo.”

Thisha:”Nami bengifisa kanjalo.”

Bashaye izandla basale laba abasalayo amehlo aLwazi aphinde athalaze lomfundi amufanisayo.

Lwazi:”Sizakele iza noSiyabonga kanye nalabafundi.”

Afulathele abafundi bahle bamulandele balinde ngaphandle ehhovisi  yena angene afice uNozibusiso azibhalela ekhuluma yedwa. Aphume naye adlale ngakulabafundi uLwazi elokhu ephosa iso kuye. Masekufika uSizakele noSyabonga.

Lwazi:”Lona uSiyabonga konke okokwakha uzonikhombisa mangabe unenkinga futhi ubuza yena, lona uSizakele usebenza ngamaphepha abheke namaclock card uma ungeke ukhone ukuza ubikela yena. Ngiyazi ngeke nihole nila ngokufunda kodwa ngiyanithembisa masilalelana nizofunda kamnandi. Kwabathandanayo mina anginayo inkinga kepha angifune zinkinga la. Kulaba abakhayo bazohlukana njengoba nibona kunezindlu eziyisithupha ezakhiwayo lapha. Nonke nizoya endlini ngayinye anginifuni endlini eyodwa nonke. Abadwebi bazosebenza nami kukhona umdwebi walezakhiwo la makakhona nizoxhumana naye, siyezwana?”

Bavume abafundi

Lwazi:”Ngipheni lamalogbook wenu wona azohlala kuSizakele njalo makuphela usuku nizowalanda nize kimi siwasayinde uma ngingekho azosayindwa uSizakele.”

Bahlakazeke abafuni ababaningi kusale ababili intombazane nomfana, nayo lentombazane ayifanisayo angasakhumbuli kuthi wayibona kuphi.

Lwazi :”Nina ningabadwebi?”

Kuvume umfana bangene ehhovisi

Lwazi:”Okwanamuhla ningayobuka kulezindlu esezakhiwe zinenkinga ubonda luyawa maningakhona ningibonise ukuthi inkinga ikuphi.”

“Sir ngicela ukubuza ukhona umdwebo walezo zindlu sizobheka nawo.”

Lwazi:”Ubani igama lakho?”

“Angel mnumzane"

Lwazi:”Angel ohk ngizoninika umdwebo kepha niwuphathe kahle, okwanamuhla kuningi okumele ngikwenze ngeke ngibe nani, makushaya ihora lesithathu nikhululeke nitshele nabanye.”

Angel:”Siyabonga sir.”

Baphume baqonde kulezindlu uNozibusiso alandele naye uLwazi asale asebenza ngokunye. Emva kwesikhashana akhumbule ukuthi uze nendodakazi yakhe kepha kuthulekile manje. Aphume aqhasha angaze alimale, amuthalaze ezwe ngohleko lwakhe kwenye yezindlu. Aye khona afike ubanjwe ilentombazane ayifanisayo ngesandla babuke umdwebo nalomfana.

Angel:”Mina ngibona ngathi iphutha indlela amatoilet abekwe ngayo bekumele abe kulohlangothi"

“Kungani usho njalo?”

Angel:”Sbu uyakhumbula usir wake wathi la itoilet ifuna ifoundation edeeper nga 3.2 feet kuze iswilishi lingahlali ligcwala futhi akumele libe ngasendaweni egcwele izihlahla. Uyabona la kunezihlahla umdwebi bekumele abheke bese ubalekela lezihlahla.”

Sbu:”Ngiyakhumbula kodwa la uyabona bekalandelela ukuthi zonke zifane uyacabanga ukuthi itoilet lakwakho malizobhekana nekhishi lakwamakhelwane"

Angel:”Bekumele kususwe lezihlahla ziningi kakhulu, lezindlu ngeke ziqede ngisho iminyaka emihlanu zime kahle. Angazi kungenzeka ngiyabheda nje phela abantu abadwebe la banesipiliyoni.”

Sbu:”Yazi makunjalo phela umnumzane umoshakalelwe kakhulu.”

Baqhubeke bexoxa ngalomdwebo aze angene bamubone bathule nabo.

Lwazi:”Konke kuhamba kahle.”

Sbu:”Eya mnumzane"

Lwazi:”Ngibheka ingane yami ngiyaxolisa iyaniphazamisa.”

Angel:”Akasiphazamisi uyazidlalela nje.”

Ayibuke futhi lentombazane athathe uNozibusiso

Lwazi:”Ngizonibona kusasa ningazikhandli kakhulu ngoba kusasa uzoba muningi umsebenzi"

Kungene omunye egijima

“Mnumzane enye indlu iyaqhekeka”

Aswace uLwazi

Lwazi:”Yiphi ingakuphi?”

“Enye yalezi ezingale komgwaqo.”

Lwazi:”Eish ngeke nibe nenkinga yokuphosa iso kuye Angel la ekuqhekeka khona indlu ngiyasaba ingaze iwe.”

Angel:”Ayikho inkinga"

Lwazi:”Ngizomuthatha mangibuya ngeke kuphele nemizuzu ewu30"

Sbu:”Mnumzane ngingakulandela?”

Lwazi:”Sho"

Baphume belandelana bashiye Angel noNozibusiso, mabafika khona iqhekeke kakhulu ezwe inhliziyo yakhe iba buhlugnu kakhulu. Bayibheke acabange nalento uAngel abeyisho kuSbu mabakhuluma bodwa. Abuke izihlahla la ezingakhona nabasebenzi sebamele eceleni basaba kulimala. Abuke zonke lezi eziyishumi vele kubonisa lento eshiwo uAngel. Kulezi ezakheke kahle amatoilet angekho ngasezihlahleni zikahle lezo zindlu. Abheke isikhathi ihora lesibili aqhubeke azibuke zonke makabuya bonke bahlezi phansi abasebenzi.

Lwazi:”Ningashayisa kukhona into engekho kahle la, ngicela sibonane kusasa"

Siza:”Mnumzane mina ngizosala nawe"

Lwazi:”Cha khululeka akukho ongakwenza, Siyabonga wena ungahambi"

Sekaphansi manje uLwazi ucabanga lemali esemoshekile kangaka angeke ayibuyise futhi. Phela ngokubheka kwakhe lezindlu kumele zibhidlizwe kube nendlela ezizokwakhiwa. Acabange ubaba wakhe kanye nabafowabo abathanda kumhleka kuthi akukho akwenza kahle, azange aqede nesikole. Azibone ayisehluleki vele kwayena, bahambe abasebenzi abone ngoAngel sekaqhamuka nendodakazi yakhe.

Sekaqhine ikhanda lonke futhi

Angel:”Mnumzane ngibona bayashayisa abasebenzi.”

Adonse umoya amubuke

Lwazi:”Ungakhululeka Angel bonke sebahambile?”

Angel:”Cha kusekhona abasashintsha izimpahla mnumzane.”

Lwazi:”Kumele ngihlangane nomdwebi zonke lezindlu ziyaqhekeka"

Angel:”Ngiyaxolisa mnumzane nami ngibonile"

Abheke phansi uLwazi acabange kushayela ubhuti wakhe omdala nguye onokumkhipha enkingeni futhi akahlekisi ngaye. Amushayele ucingo lwakhe lungangeni asuke ahluthuke aluphose le ucingo lwakhe azihlikihle ekhanda. Athuke uAngel adonse nengane le.

Lwazi:”Ngiyaxolisa yazi izinto zonke ziyaphambana nje ungakhululeka ngiyaxolisa ngalokhu okubonile.”

Angel:”Mnumzane usasala?”

Lwazi:”Yebo ngimele lomdwebi.”

Angel:”Ngicela ukuhamba nengane yakho uzoyilanda uma inkinga ingekho, angiqondile ukuthi awukhoni ukuyibheka kodwa ngisaba isimo okuso futhi”

Aphakamise amehlo amubukisise

Lwazi:”Ngikwazela kuphi?:

Angel:”Ahm anginaso isiqiniseko mnumzane.”

Lwazi:”Ngizomuthola njani umntanami?”

Amulayele kubo afulathele uLwazi azibone angasiye ubaba okahle uhambisa ingane yakhe  nomuntu angamazi.

Lwazi:”Angel mana ungamushiya ngizomuyisa ekhaya bese ngiyabuya"

Angel:”Ngiyakuthembisa mnumzane ngiyazi udliwa isazelo kepha izobakahle indodakazi yakho kunokuhlala endaweni enjena. Awazi ukuthi uzofika nini lomdwebi angisiso isigebengu"

Lwazi:”Kulungileke"

Afulathele ahambe manje akasenalo ucingo ngoba uliphulile kube uhlola lomdwebi ukuthi ukuphi…..

***ISIQEPHU10***

***KWAMZOBE***

Intambama uMihla ugeza izitsha baqeda kudla kulomuzi isidlo sasebusuku sidliwa kusakhanya. Makaqeda abazali bakhe bahlezi kusofa babukele umabonakude ababuke amoyizele aqonde egunjini lakhe. Emva kwesikhashana nje aqeda kungene egunjini lakhe ezwe umawakhe emumemeza aphume futhi azithele kuSbongile umngani wakhe.

Mihla:"Hawu mngani."

Sbongile:"Asiqedanga ngale assignment ya Mr.Ntuli sekusondele usuku"

Aqale adideke ngoba akunanto enjalo kepha makabheka umngani wakhe ngendlela angayo ebusweni abone ukuthi ufuna baphumele ngaphandle.

Mihla:"Incwadi yami ikuwe nje mina kube ngiqedile"

Sbongile:"Ikhona emotweni ngihamba nomalume ngoba abengangikholwa kuthi ngifuna sizofunda uthi kuncono mawuza ekhaya ufuna kusibheka."

Mihla:"Mama"

MaMzobe:"Kulungile kepha nisheshe nibuye"

Baphume asukume uMzobe akhiye emnyango abuyele kwinkosikazi  yakhe

Mzobe:"Nkosikazi selokhu sidla nje ngiyezwa umnumzane uyaphakama manje besekalwa ngempela ngiyacabanga kuyalunga."

Amoyizele umaMzobe

MaMzobe:"Hawu baba"

Mzobe:"Impela nkosikazi besengijahile ukuthi ziphume lezingane buya mama wezingane zami uyalwa umnumzane."

MaMzobe:"Baba awuphuzanga lutho?"

Mzobe:"Angiphuzanga lutho kuqale mangikubona kulengubo yakho oyigqokile maye ikukhipha konke nje."

Adonse inkosikazi yakhe ngesandla bayongena egunjini  labo, ngaphandle makaphuma uMihla

Mihla:"Mngani akusiyo imoto kamalume wakho lena?"

Sbongile:”Ukube uyazi ngikuhalela njani nje manje mkhozi wami, bengingena la kwaqhamuka lemoto yangibuza wena. Mihla uyababa kodwa Bawo namuhla ngimubonele eduzane.”

Basondele kuphume owesilisa uMihla amangale avele abheke phansi bafike babingele abheke phansi.

Nsizwa:”Hawu wase uyakhophoza manje?”

Mihla:”Bengingacabangi ukuthi uzoza.”

Nsizwa:”Ngilethe ishethi lami kuthi uliwashe njengesithembiso.”

Mihla:”Hayibo

Nsizwa:”Ngiyabonga mngani wakhe, ufuna sikumukise ekhaya?”

Sbongile:”Cha kuduzane ekhaya ngizokweqa umgwaqo nje.”

Nsizwa:”Cha ungisizile ngena emotweni sihambe.”

Agibele ngemuva uMihla agibele phambile ayisuse baze bafike khabo Sbongile amehlise bese baqhubeka nohambo lwabo. UMihla uthukile imoto ilokhu iqhubeka ize ingene komunye umuzi omuhle omkhulu. Ehlike

Nsizwa:”Asingene"

Mihka:”Ikuphi la?”

Nsizwa:”Isekhaya.”

Mihla:”Awukwazi ukuza nami kini futhi bengingazi angizilungisanga"

Nsizwa:”Mina ngikuthanda noma ugqoke kanjani”

Athuswe igama lokuthi uthandwa noma egqoke kanjani avule umnyango amubambe ngesandla. Mabandlula ngasendlini yokudla bazithele kowesifazane ehlezi phansi.

“Nsizwa kahle bo phambi kwami?”

UMihla amubheke abone nje ukuthi umawakhe ngoba ufana naye kancane

Nsizwa:”Awufuni kungibona ngijabulile mama?”

MaKhumalo:”Yehheni bo izolo ubungajabulanga?”

Nsizwa:”Mana ma please.”

Afulathele uNsizwa edonsa uMihla ngesandla bayongena kwelinye igumbi avale umnyango awukhiye.

Nsizwa:”Umamami uyangigada ungamunaki kakhulu.”

Mihla:”Bekungamele kodwa ungene nami abhekile"

Nsizwa:”Khululeka sondela la.”

Bahlale phezu kombhede uNsizwa amuphulule amathanga elokhu equma

Nsizwa:”Selokhu  sahlangana angikhoni kukususa emqondweni wami.”

Ashalazele

Nsizwa:”Manje ngibone kuthi namuhla ngichithe ubusuku bami nawe"

Mihla:”Angikwazi kuhlala ubusuku bonke"

Nsizwa:”Ngobani?”

Mihla:”Ekhaya bazothukuthela.”

Nsizwa:”Usumdala nje.”

Mihla:”Yes kodwa ngisahlala nabazali.”

Asondele kuye uNsizwa amuqabule athuke uMihla kepha angasuki kuye, baqabulane afake isandla ngaphansi kwesikibha sakhe azame kusisusa.

Nsizwa:”Manje?”

Mihla:”Asithandani awukwazi uvele ulale nami.”

Nsizwa:”Ohhh baby girl sibadala kuthi silokhu sishelana, awungithandi wena?”

Abheke phansi uMihla, abeke isandla sakhe esilevini asikhuphule kuthi babhekane, uMihla yize athukile kepha umzimba wakhe uyamuphoqa. Ubhekene noNsizwa emehlweni odumile ofunwa amantombazane yonke lendawo.

Nsizwa:”Awungithandi na?”

Mihla:”Ngiyakuthanda.”

Ngokusho njalo uNsizwa amudabulele isikibha sakhe asale ngobra phezulu nawo awudonse.

Nsizwa:”Mahle amawele akho Mihla, uyangihlanyisa.”

Amuhlasele ngezindebe zomlomo baqabulane bese uyamusukumisa amukhumule ujean awugqokile naye azikhumule. Amehlo kaMihla ahlale esithweni saNsizwa amubambe isandla amubekise khona bese uyaquma.

Mihla:”Nsizwa"

Nsizwa:”Shhhhhh uNsizwa uyakufuna.”

Avulele umculo kakhulu abuye kuye amuqabule amulalise phezu kombhede abuye phezu kwakhe belokhu beqabulana. Makazama kufaka amuvimbe uMihla

Mihla:”Cha ngicela ufake icondom.”

Nsizwa:”Ngizoyifaka ngiyakudlalisa nje.”

Baqabulane elokhu eyifaka kancane abuye akhiphe masekadelile asukume ayofaka icondom abuye akanawo amahloni noma uMihla emubuka. Asondele avulise uMihla imilenze angene kuye akhale uMihla noNsizwa aqume naye. Amenze ngendlela afuna ngayo elokhu ebubula naye.

Nsizwa:”Kumnandi?”

Avume ngekhanda.

Nsizwa:”Fuck then scream for me"

Mihla:”Ohk.”

Nsizwa:”Call my name babe.”

Mihla:”Nsizwa.”

Aqhubeke amufende elokhu emubiza ngegama lakhe. UMihla amubone ngokushesha ukuthi uzoqeda manje amenze asheshe ngapha uyaquma umculo unomsindo kakhulu. Agcine sekachitha amunkonkoshele uNsizwa masekadelile asuke akhiphe icondom ayigoqe amuphosele ithawula azisule. Alokhu adonsa umoya asondele azohlala celeni kwakhe.

Nsizwa:”Uyawazi umdlalo wakho yooo"

Mihla:”Usho ukuthina?”

Nsizwa:”Uyashisa"

Mihla:”Ngiyabonga.”

Amuqabule futhi masekaqinisa ukumqabulo kubekhona okokodayo ngesankahlu nje ngathi ufuna kuphula nomnyango. Ehlise umsindo alalele futhi aphinde akokode

“We nsizwa ungazongenza islima mina, vula ngiyazi ukhona.”

Asukume ngokushesha uNsizwa

Nsizwa:”Shit gqoka sihambe"

Mihla:”Ubani lowo?”

Nsizwa:”Umama sukuma"

Amangale ngoba ungene naye phambi kwamawakhe kodwa angasho lutho agqoke ngokushesha bese uya naye efasteleni amukhombe lona kuthi aphume. Amuswacele uMihla amubhekisise.

Nsizwa:”Lomnyango ungavuleka la ufile wena akadlali kanjalo uma, phuma ngalo.”

Aphume uMihla angakhoni nokugxuma kahle awele phansi, kunenye imoto eme celeni kweyaNsizwa.

Nsizwa:”Phuma ngizokuthola ngaphandle kwesango.”

Isango livuleke kancane aze afike athi angaphuma nje livaleke eme lapho ecashile ngoba kumnyama phela manje futhi uyasaba. Alinde uMihla aze aphelelwe ithemba lokuthi uzophuma masekacabanga ukushayela uSbongile ucingo lwakhe alunamoya abone ukuthi noma angazidela ahambe ngezinyawo akukho la azofika khona ngoba kukude kubo.

Livuleke isango kuphume imoto ile ibime emva kweyaNsizwa ime kancane aphume phakathi uNsizwa. Asondele makabona ukuthi nguye

Nsizwa:”Shesha.”

Angene ngokushesha naye sekayabanda uyaqhaqhazela, ayisuse uNsizwa kuphume owesifazane uyathukana. Ufakele izinwele ezishaya le ezinqeni kodwa angakhoni kumubuka kahle kuthi ubani.

“Wena Nsizwa ucabanga ukuthi uhlakaniphile fuck you nalesifebe sakho.”

Afikelwe izinyembezi uMihla ahluleke kuzibamba abeke izandla emehlweni ashayele ngokushesha uNsizwa ayimise ngale komgwaqo la kuthuleke khona. Aphume emotweni avule la kuhlezi khona uMihla  amudonse kuthi aphume amuhage.

Nsizwa:”Ngiyaxolisa umama bengingacabangi ukuthi angenza njena ngoba usibukile nje masingena.”

Mihla:”Musa ukungenza isilima Nsizwa akusiye umawakho lo bekathukana"

Nsizwa:”Umama makangilwisa ungihlanganyela nabosesi bami ngiyaxolisa ukuthi umnandi kakhulu ngase ngivulela umculo kakhulu bacasulwe ilokho bengingafuni kumemeza bangizwe"

Achazwe ukuthi kuthiwe umnandi.

Nsizwa:”Ngiyaxolisa ngesikipa  sakho  uzotholla esinye uyezwa futhi uzothola ezinye.”

Amoyizele ngoba izinto uyazithatha amuhage abuye amuqabule futhi eside isikhathi.

Nsizwa:”Sengifuna kuphinda futhi.”

Mihla:”Cha ngimukise ekhaya.”

Nsizwa:”Umnandi baby girl masenginje.”

Mihla:”Mabasilandela lana.”

Nsizw:”Ngeke buya hawu"

Bangene ngemuva emotweni kube ubuzukuzuku sekuqatshulwana lapho

Nsizwa:”Shit sizothenga amaphilisi anginawo amacondom ngiyacela Mihla wami.”

Mihla:”Nsizwa ngisaba nezifo mina futhi siqeda kuhlangana"

Nsizwa:”Kahle bo kudlala ngami anginazifo mina ngiyacela phela"

Agcine avumile uMihla baqhubeke ngaphandle kwejazi lomkhwenyane mabaqeda bagqoke benjalo bahambe.

Nsizwa:”Ulokhu uthalaza lemoto uyayithanda?”

Mihla:”Kakhulu.”

Nsizwa:”Mawuzoqhubeka ungijabulise kanje uzoyithola encono kunale.”

Ajabule kakhulu uMihla ahle azibone sekashayela imoto okungeyakhe eyochomela uCebile. Bahambe aze afike kubo baqabulane.

Nsizwa:”Bamba la uzothenga izikibha"

Amunike imali engama R200 amaningi acishe ukuwa ahlezi uMihla akekho owake wamupha imali engaka.

Nsizwa:”Gijima ngikubhekile.”

Makaphuma amubhase izinqe aphume naye asheshe isango alikhiwanga angene alikhiye. Asabe kukokoda umnyango uvele uvuleke ubaba wakhe angene sekagwajaza uNsizwa amushayele ihutha ayisuse imoto. Umuntu omdala anganaki lutho azitshele kuthi sebaqedile kufunda bamuletha phela akukho soka elingaba nesibindi lokushaya ihutha emzini wabantu.

***ISIQEPHU 11***

***KWANKOSI***

UNathi afike sekuhwalele amangale umsindo usho phezulu kuze kuzwakala nephimbo likamawakhe. Amoyizele naye wagcina nini ukuzwa uncumo lwanina olumnandi, angawakholwa amehlo akhe makangena kunomdwebo ophansi bawunyathele ngezinyawo, nangezandla, kukhona nengane angayazi nayo iyahleka. Umawakhe ubambe ngezandla phansi uAmanda unwebe nemilenze kuthi ifike la kumele ifike khona kanye nesandla esisodwa uSinalo uphelile uhleko uze ukhala izinyembezi.

Cebile:”Sis Amanda uyarobha.”

Amanda:”Cebile ngiyadabuka phela biza elinye igama.”

Sinalo:”Mama liyaphuma inyawo lakho.”

“Gogo beka kanje"

Ahluleke kunweba kahle unyawo umaNkosi awe noAmanda amulandele bahleke naye uNathi ahleke.

Nathi:”Kwenziwani kanti umsindo ngiwuzwa ngisajika ikhona le.”

Baqhubeke nokuhleka bekhombana ukuthi ubani orobhayo uCebile eze nebhakede lamanzi nomopho asule lombhalo. UNathi abuke lengane elandela usisi wakhe omncane uAmanda asondele kuye amuqabule. Bayahefuzela bonke

Nathi:”Nifuna ukuziphula kodwa?”

Amanda:”Nayi ingane isifundisa umdlalo sezwa kumnandi saqhubeka.”

Nathi:”Ewakuphi lomntwana?”

Amanda:”Uze noCebile uthe kunenkinga emsebenzini manje wacela kuhamba nayo ngoba umzali wayo abeze nayo"

Sinalo:”Umzali wayo wesilisa.”

Gugu:”Uphashiswa yini wena.”

Sinalo:”Bengingazi ukuthi imfihlo leyo ma.”

Nathi:”CEBILE"

Asondele ahle abone nje ukuthi ubizelwa lengane

Cebile:”Bhuti.”

Nathi:”Wena awuyelanga kuyofunda uthole ulwazi uzogqoka ijazi lakho lapha uyele kugada abantwana.”

Cebile:”Bhuti.”

Nathi:”Uphi umama wakhe nje kungani angashayelanga yena azolanda ingane yakhe, Cebile awusuye umzali wamuntu uyangizwa.”

Gugu:”Yehlisa umoya ndodana ube nozwelo nje angicabangi ukuthi kubi ingane ibizolimala la ekwakhiwa khona.”

Nathi:”Umsebenzi wabani mayimukiswa abazali bayo uCebile ungenaphi.”

Amanda:”Kahle Nathi hawu.”

Nathi:”Manje uzomuthatha nini?”

Nengane nayo seyibocobele phela seyikhulile iyezwa kukhulunywa ngayo.

Cebile:”Ngimulayele la ekhaya uzomulanda makaqeda ngomhlangano wakhe.”

Anikine ikhanda uNathi ayibuke lengane seyiswabile ayisaphaphi njengaseqaleni naye abe namahloni. USinalo asondele endlebeni yaNathi amuhlebele.

Sinalo:”Bhuti mubuze ukuthi ubani igama lamama wakhe.”

Amanda:”Hayisuka Sinalo ungamuphenduli wena sesi makakhuluma nawe lobaba.”

Nathi:”Ubani igama lamawakho?”

Nozibusisi:”Usfebe."

Abhamuke uSinalo noAmanda ahleke naye uNathi azithole sekamoyizela futhi.

Nathi:”Gama bani kodwa lelo?”

Cebile:”Buya la sesi sizobuza ubaba wakho igama lama angicabangi ukuthi yilelo.”

Gugu:”Mhlawumbe basuke baxabana nogogo wakhe aze akhiphe amagama anje, kanti nalapha kaRose uzwe okunye.”

Amanda:”Uqhine kahle uyezwa"

Nozibusiso:”Ngiyabonga”

Cebile:”Uqedelwe yimi phela abeqhine uhlangothi olulodwa"

Amanda:”Ohhhh wena Cebile kodwa thina kumele sikhiphe imali awusafuni kusiqhina abanye baqhinwa kalula.”

Bayazincokolela bonke noNathi akasamuxwayile uNozibusiso bayadla, kukhale ibheli lesango. Asukume uNathi bonke bayazi akekho ovula isango ngalesikhathi. Abambe

locingo lwesango angaphenduli alubeke phansi avule isango. Babone ngamalambu emoto ingena.

Nathi:”Ubaba wengane"

Makathi uyasukuma uCebile amubheke

Nathi:”Hlala phansi.”

USinalo enze umsindo wokufuna ukuhleka kodwa azibambe umawabo azinikinele ikhanda. Avule umnyango uNathi eme khona bezwe ngephimbo.

“Sawubona mnumzane.”

Nathi:”Unjani?”

Lwazi:”Ngiyaphila, ngingamuthola uAngel?”

Nathi:”Cha kepha ungathola ingane yakho.”

Angabi nenkinga ahlehlele emuva ngoba uyabona ukuthi akamukelekanga aphume sekagijima uNozibusiso ayohaga ubaba wakhe.

Nozi:”Bye malume.”

Angakhoni ukuziqinisa uNathi amoyizele

Nathi:”Uhambe kahle sesi"

Nozi:”Ungakhali ngizobuya ngizokuvakashela futhi"

Nathi:”Wuuu umalume uzojabula”

Angene emotweni uLwazi amufase uyalangazelela ukuzibongela kuAngel kodwa akusenani uyabona kuthi ubhuti wakhe akafuni lutho. Angene emotweni yakhe bamuvulele isango ayihlehlise iphume. Abuyele endlini uNathi angasabuyeli kuyohlala nomndeni wakhe aqonde egunjini lakhe.

Amanda:”Mama ucabanga ukuthi uCebile uyoke ashade?”

Gugu:”Hhey kuzoliwa nalowo mlisa bandla ingane yami, nobabakhe wayenje"

Amanda:”Maye ukuba inkosazana phakathi kwabafana kunzima, thina emakhaya bavele basheshe bavuma ubaba futhi ngathi wayesejahe kuthi ngihambe ngoba wavele wathi hambani naye sizombona sekazolungiselela umshado omhlophe.”

Sinalo:”Hayibo sisi usho ukuthi wayesekhathele umkhulu"

Amanda:”Over.”

UCebile makezwa igama lenkosazana azizwe akhumbula lomlisa owanikwa uMihla inombolo yakhe. Aye egunjini lakhe avale umnyango., amushayele ucingo lungangeni, amushayele futhi lutho ukungena adangale, asale sekalungiselela ukulala. Balale bonke

kusale umaNkosi phela bekuhlezi kunjena kusaphila umyeni wakhe. Wonke umuntu abehamba ayolala basale bodwa bephuza itiye bezincokolela. Abilise igedlela azenzele itiye ukhiphe amakomishi amabili akhumbule alibuyisele elinye kepha inhliziyo ibe buhlungu. Angabe esaliphuza nalelo tiye aqonde egunjini lakhe sekakhala, agqoke izingubo zakhe zokulala. Acishe ugesi angene ezingubeni vele nje selokhu kwahamba umyeni wakhe akabutholi kahle ubuthongo uphenduka aze ayozumeka ekuthatheni kokusa. Akhale umaNkosi athuke makezwa izandla zimubamba okhalweni, makathi uyaphenduka zimuvimbe lezandla.

“Shhhhhhh kwanele manje Gugulami uzokhala kuze kube yinini uyangiphazamisa.”

Iphimbo lomyeni wakhe nguye yedwa owayemubiza ngoGugulami mabazithokozisa, azame ukuphenduka manje amubambe ngezandla zombili okhalweni esinye singene ngaphansi kokhalo zihlangane ngaphambili esiswini. Ngendlela umyeni wakhe ayethanda ukumbamba ngayo mabazihlezele.

Gugu:”Myeni wami?”

Mondli:”Mama wezingane zami.”

Gugu:”Awusekho kulomhlaba.”

Mondli:”Lala sthandwa sami ungacabangi kakhulu uyekele nalokukhala ngoba uyangiphazamisa.”

Gugu:”Ungahambi uzobheka umndeni wakho bafuna ngingenwe uButana.”

Mondli:”Yenza okufisayo.”

Kube ngathi umubamba sakumutsibha makasho njalo aze agxume kancane umaNkosi.

Gugu:”Eshuwi.”

Mondli:”Shhhhhh.”

Gugu:”Ngicela kukubuka.”

Mondli:”Izandla zami awuzizwa na, iphimbo lami awulizwa?”

Gugu:”Yebo ngiyezwa indlela ongibamba ngayo kepha ngifisa kukubuka ebusweni.”

Mondli:”Gugulami ave umuhle yekela ukukhala ngoba uyancipha.”

Gugu:”Mondli ungishiye nomndeni wakho ngingahlala kanjani ngingancipha.”

Mondli:”Tshela mina yikuphi okufisayo kuthi ngikwenzele kona manje ngaphandle kokubuya.”

Gugu:”Ngicela ukukubheka.”

Mondli:”Cha okunye.”

Gugu:”Ngiyamukhumbula umyeni wami ngakokonke angazi ngithi ngifisa kuphi ngoba ngifisa konke.”

Amusondele kakhulu ezinqeni athuke uGugu makezwa isitho siqinile, cha ngeke azame kuphenduka.

Mondli:”Nami ngikukhumbulile khona lokhu.”

Amufende ngemuva uGugu azibone enomyeni wakhe ephila amukhuphule lelokwe lokulala izinqe zibe ngaphandle. Noma sekazibamba isitho sakhe amuzwe indlela aphefumula ngayo lo umyeni wakhe ophilayo futhi. Umphefumulo wakhe uyashisa entanyeni yakhe. Amulalise ngesisu bese uyamuphakamisa isidunu angapholisi maseko makabeka isitho sakhe kuGugu aqume futhi.

UGugu azitshele ukuthi uyayivuma yonke lento ngoba uyayidinga umyeni wakhe lo noma kungathiwani. Amungene avaleke ukucabanga umaNkosi mayelokhu eqhubeka efenda ukuquma konke kungumyeni wakhe noma sekaqeda makachitha nguye. Akekho umuntu ongakhona kulungisela umyeni wakhe ngoba waziwa nguye, baqede amulalise futhi. Umzimba wonke ukhathele namehlo ayamuphoxa ayakhathala afuna ukuvaleka.

Balale kanjalo aze azumeke umaNkosi alale….

Ekuseni aphaphame avuke gubhu abheke celeni kwakhe athalaze azibambe ngaphansi vele kucace kuthi abematasa nowesilisa athi umyeni wakhe. Avuke athathe igown ayigqoke aphume agijima izingane ziyadla zilungiselela kuhamba bamumangalele abuke ngaphandle akekho umyeni wakhe.

Nathi:”Ma ukahle"

Gugu:”Ubabenu abela nimubonile?”

Bagcwale ukukhathazeka emehlweni abo abone nje ukuthi bazocabanga ukuthi umkhumbule kakhulu. Abuyele egunjini lakhe ageze ngokushesha aphume sekagqokile.

Nathi:”Ma kwenzenjani?”

Angamuphenduli ayongena emotweni yakhe, amulandele uNathi

Nathi:”Ma.”

Gugu:”Ungangilandeli uyangizwa.”

Nathi:”Ngeke ngikuyeke uhambe wedwa unjena kwenzenjani?”

Adumise imoto ayongena ngale eceleni uNathi ayikhiphe ngokushesha akaphenduli yonke imibuzo ayibuzwa uNathi. Ushayela uyakhala kepha uyazizwa ukuthi usezinqondweni zakhe akahlanyi. UNathi afunde kwezakhe makabona ayimisa emathuneni.

Nathi:”Uze kubaba?”

Angamuphenduli aphume egijima angayicishi nemoto nesivalo angasivali. Asale ayicisha uNathi amulandele uyagijima uGugu ngezimpahla ezimnyama uyalazi ithuna lomyeni wakhe. Afike kulo azilahlele nali igama libhaliwe ngempela umyeni wakhe sekakobandayo manje bekwenzakalani izolo. UNathi naye sekakhathazekile

Nathi:"Mama kwenzenjani?"

Gugu:"………"

Nathi:"Ma."

Gugu:"………"

Athule naye amubukele akhala aze aneliseke asukume azifase okhalweni ngaleduku ebelisemahlombe alifulathele ithuna lomyeni wakhe ayongena emotweni. Manje ahlale ngemuva akasenawo amandla ngendlela abekhala ngayo adonseka ezinzulwini zamathumbu ngathi uyacula. UNathi ashayele baze bafike ayomulalisa afice uAmanda ekhathazekile.

Amanda:"Nibuyaphi?"

Nathi:"Sengishawe isikhathi sthandwa sami sizoxoxa mangibuya nginomhlangano manje, uCebile uhambe ngani?"

Amanda:"Ngimuphelezele."

Nathi:"Ngicela ubheke umama."

Amanda:"Usheshe myeni wami ngeke ngazi kuthi ngenzeni makavuka"

Nathi:"Kulungile."

Amuqabule ahambe…..

***ISIQEPHU 12***

***LWAZI***

ULwazi akakhoni nokudla ngalento eyenzeka kwishishini lakhe, ulinde umdwebi wangaqhamuka waze wahamba. Kuso lesiphithiphithi uzizwa ehehwa ilentombazane engumfundi ebinakekela indodakazi yakhe. Abuye azikhuze mhlawumbe ubone umuntu ozothanda ingane yakhe uhehwe ilokho hayi ngoba emuthanda ngempela. Ubuye azikhuze ngoba uphinde azizwe ngathi uthanda lentokazi akhuluma nayo ocingweni angayazi. Izeluleko zakhe zigcwele inhlakanipho, iphimbo lakhe linothando kanti futhi makangakhulumanga naye uyamukhumbula.

Njengayizolo uphule ucingo lwakhe akakwazanga ukukhuluma naye ubuthongo ubuthole kanzima ngoba abezimisele kumuxoxela ngento emuvelele emsebenzini. Selokhu aqala kukhuluma naye uzizwa ebalulelekile naye othandweni, masekazofika emsebenzini isekuseni angene apake imoto yakhe phansi kwesihlahla makehla nayi lentokazi uAngel wehla emotweni azizwe enomona aphinde azikhuze.

Athatheke nguye ugqoke izinto zokusebenza eziluhlaza, amabhutsi wathwala nesigqoko selanga. Uphethe isikhwama sakhe ngesinye isandla uphethe umakarabha isigqoko sokuzivikela mawusebenza. Alahleke emubhekile athuke sekaduze naye sekamubukile ngamehlo akhe acwebile.

Angel:”Sawubona mnumzane"

Lwazi:”Ahm ahh sawubona Angel"

Angel:”Ingabe konke kuhamba kahle?”

Lwazi:”Kukahle wena kungani ufike ngokushesha abantu bangena ngo9.”

Angel:”Bengithi ngizobheka la ngokufunda kwami mhlawumbe ikhona into ephilile engingayibona.”

Lwazi:”Kulungile ungaqhubeka.”

Angel:”Bengicabanga ukuthi uzoza noNozi nanamhlanje"

Amoyizele

Lwazi:”Usele nomama namuhla, ungaqhubeka ngomsebenzi wakho uzongitshela okubonayo.”

Angel:”Uma inkinga ungenayo ngicela umdwebo (plan).”

Avule ehhovisi alikhiphe amunike afulathele ngokushesha uAngel ayongena kwenye yezindlu eziqhekekayo. Naye aqhubeke ngakwenzayo abantu baqale bafike uSizakele aqale ehhovisi likaLwazi.

Siza:”Unjani Lwa.”

Lwazi:”Ngiyaphila Siza.”

Siza:”Izolo sishayise wasala nalentombazane ingabe kukhona okwenzekayo phakathi kwenu?”

Amubheke uLwazi ngoba udalwe akakhoni ukuphoxa umuntu uyazibamba, lombuzo uyamucasula kepha azibambe.

Lwazi:”Uhloseni ngalombuzo wakho?”

Siza:”Cha ngibuza ngoba ungumfundi futhi uzophazamiseka kwishishini lakho, amantombazane athanda imali, namanje ungathola ukuthi uzwe kuthiwa elakho leshishini,yena wazibonela imali.”

Lwazi:”Sizakele ngicela uyoqhubeka nomsebenzi wakho angicabangi ukuthi kwamele ngichazele wena ngengikwenzayo.”

Siza:”Angiqondile okubi.”

Lwazi:”Hamba uyosebenza nami ngiqhubeke nowami.”

Siza:”Ngingakulethela itiye ngendlela olithanda ngayo?”

Lwazi:”Angilifuni ngiyabonga.”

Aphume uSizakele makandlula kwenye indlu eyakhiwe abone efasteleni kuthi kukhona loAngel ezwe ecasuka aqonde khona. Afike eme emnyango elokhu ethalaza abuye abuke leplan asondele uSizakele.

Siza:”Sobabili siyazi awazi lutho ngalento oyenzayo''

Aphakamise amehlo uAngel amubuke ngokumangala

Angel:”Ohhh sawubona sisi''

Asondele kakhulu kuye amubuke emehlweni

Siza:”Uma ufuna ukuzibona ugqoka ijazi uzoyeka ukuzisondeza emuntwini wami''

Angel:”Angizwisisi ukhuluma ngani sisi''

Siza:”Ngithi kuwe uma ufuna ukuzibona uphasa enyuvesi ugqoke nejazi lakho kahle uzohlukana nomuntu wami, uzohlukana nengane yakhe futhi. Angikufuni naphambi kwakhe siyezwana.”

Athule agoqe izandla uAngel ngoba sekayabona ukuthi ukhuluma ngobani

Angel:”Akukho okwenzakalayo phakathi kwami nomnumzane mina bengisiza nje qha''

Siza:”Ugcine ngci loko kusiza ngoba ngizobhala wonke umhlolo kwilog book yakho nxxxx.”

Afulathele ayophuma ngomnyango asale emangele uAngel kungene noSbu babingelelane.

Sbu:”Ufike nini?”

Angel:”Buya kukhona engifuna kukubonisa khona.”

ULwazi masekabona ukuthi izitolo sezivuliwe aphume ayotshela uSiyabonga kuthi uyabuya. Aphume afike ezitolo athenge ucingo olusha afake nenombolo yakhe abeyisebenzisa (sim swap). Achofoze inombolo abeke endlebeni ingangeni abuye azilungise ufuna le ekaCebile. Aze akhone ukuyihlanganisa kahle amoyizele makezwa iphimbo lakhe.

Cebile:”Sawubona"

Lwazi:”Hawu nkosazana unjani?”

Cebile:”Ngiyaphila wena, izolo bengikhathazekile ngawe.”

Lwazi:”Mmmm inkosazana ibikhathazekile ngami kwamnandi ukuzwa lokho''

Cebile:”Ngiyadlala kanti bengingakhathazekanga ngiye ngaphumula ukuvuswa ebsuku ngocingo''

Ahleke uLwazi

Lwazi:”Nkosazana yazi izinto azingihambeli kahle emsebenzini ngicela ukukubona ngizixolise nje.”

Cebile:”Ayyyy mina ngiyasaba kukubona, kukahle sixoxe ngocingo"

Lwazi:”Ngithumelele isthombe sakho ke"

Cebile:”Khohlwa bab Khoza thumela esakho kuphela''

Mlangeni:”Anginazo mina izithombe.”

Cebile:”Nami anginazo.”

Lwazi:”Kahle ukuqamba amanga wena ngikuzwa ngephimbo ukuthi mawuqeda ukugeza ucijisa umlomo uzishuthe noma sohamba wenza njalo.”

Cebile:”Kulungileke ngizokusendela.”

Ezwe iphimbo ngale elijwayelekile.

“Uhlezi ocingweni ubani ozokusebenzela la kodwa ufuna sikusayindele makuphela usuku"

Luvaleke ucingo asale anikina ikhanda abone nje ukuthi ngeke asasithola lesithombe ngoba ngathi umuphazamisile. Abuyele emsebenzini ezimoyizelela nje aphazanyiswe ucingo lwakhe makabheka inombolo ayijwayele kepha akakhumbuli eyabani.

Lwazi:”Lwazi here.”

“Khoza.”

Lwazi:”Haaa bhuti omkhulu"

Mholi:”Ngiyabona izolo uye wazama ukungishayela manje masengikushayela ntambama angisakutholi, bakahle ekhaya?”

Lwazi:”Konke kuhamba kahle bhuti yimina nje obhekene nentaba emsebenzini.”

Mholi:”Kwenzakalani usuthole umakoti na?”

Lwazi:”Cha akusikho lokho.”

Mholi:”Lwazi ufuna lekhehla lize liyolusa amadada lingakakushadisi phela wena uyintandokazi yakhe.”

Lwazi:”Akakaqhamuki okhethwe inhliziyo yami kanti futhi nami ngifuna ukuzimela kuqala njengawe nje bafo.”

Mholi:”Ufuna ukuma okunjani kodwa Lwazi ngoba imali ibuzwa kuwe nje lapho ekhaya"

Lwazi:”Kahle bafo phela nginenkinga emsebenzini lomdwebi lona bekangisiza ungenzele umhlolo nje manje izindlu ziyawa.”

Ashaye ikhwela uMholi

Mholi:”Uthini manje yena?”

Lwazi:”Akaziwa bafo kuthulekile akezi emhlanganweni makabiziwe"

Mholi:”Ngizoza ngizokubhekisa bafo kepha angithembisi lutho ngoba nenkosikazi ishonelwe usesi wakhe.”

Lwazi:”Ngiyazwisisa bafo ungakhathazeki ngizoyenza indlela.”

Mholi:”UDansile yena umgcine nini?”

Lwazi:”Ahhhh lowo benginaye ngempelasonto akhalela umyeni wakhe.”

Mholi:”UDansile samutshela ngalomuntu nxxxxx sengicabanga ukumuvakashela manje.”

Lwazi:”Ungenzi lutho okubuke eceleni bhuti sizokhuluma futhi nakhu ngifika emsebenzini.”

Bavalelisane abeke ucingo phansi umangazwa ilesixuku abasebenzi bamile asondele kubo.

Lwazi:”Kwenzenjani?”

Omunye:”Usister boss uthukuthele.”

Abone uAngel akhala athuliswa uSbusiso omunye umfundi ongumdwebi imucasule lento ayibonayo kepha azibambe. Aqhamuke uSizakele uphethe ibhuku.

Siza:”Mnumzane ngiyabonga usufikile singakhuluma"

Lwazi:”Ngilalele"

Siza:”Ngasese.”

Basuke kancane kubasebenzi

Siza:”Lena ilogbook yalentombazane ngibona kuncono kuthi simudedele ngoba ave esile. Ngimukhuze kahle kuthi ayeke ucingo ngoba kuyasetshenzwa yena waqala wangitshela ukuthi ngihlukane naye ngoba uthandana nawe uyazi akwenzayo.”

ULwazi abuke loAngel abuye abheke uSizakele osamuxoxela

Lwazi:”Manje abantu bameleni bangasebenzi?”

Siza:”Angel ubatshele ukuthi abeme uze ubuye makaqeda wayohlala ocingweni.”

Lwazi:”Bonke labantu balindiswe nguye umfundi?”

Kusondele uSiyabonga

Siya:”Kunento evelile uAngel angibonise yona nami ngayibona ngase ngimisa abantu"

Lwazi:”Kulungile Sizakele ungahamba.”

Siza:”Ngiyabonga.”

Afulathele aqonde kuAngel, boLwazi bangene ehhovisi, makafika uAngel amubheke amoyizele amuphose ngelog book yakhe.

Siza:”Hamba miss know it all nomnumzane uvumelana nami.”

Angel:”Sisi kodwa ngenze iphutha elilodwa, ngizoyitholaphi mina manje indawo enye yokwenza amapraticals ngiyaxolisa.”

Siza:”Umuntu wami ungomunye umuntu makaphuma lapha usemile la uzowukhomba umuzi onotshwala, kanti ngiyamazi kakhulu akazwani nokubheke celeni”

Afulathele ngempela ahambe uAngel nenhliziyo ebuhlungu, ahambe aze aphume kulendawo ihhovisi livalekile. Ashayele umngani wakhe ahlala akhuluma naye uLwazi angaphenduli, aluphinde futhi aluvale uLwazi. Afake ucingo lwakhe ekhikhini azihambele….

## ***ISIQEPHU 13***

## ***KWANSIZWA***

Angene uNsizwa apake imoto yomkakhe celeni kweyakhe adonse umoya, uyazi inkosikazi yakhe imulindile. Angene ayifice ekhishini ihlezi nomawakhe.

Nsizwa:"Sanibonani"

MaKhumalo:"Uyajabula bo ufika sobingelela ubuya kuphi?"

Nsizwa:"Ma anginawo umdlandla mina wempi."

MaKhumalo:"We Nsizwa izokushiya lengane yabantu ulokhu ubukisa ngayo."

Nsizwa:"Ngibukise ngayo kuphi ma?"

MaKhumalo:"Ngoba ugijimisana namantombazane sonke lesizwe uthembeni, awukhuli kanti wena."

Nsizwa:"Angikwazi ukhuluma ngani mina."

Abheke inkosikazi yakhe amehlo abomvu uyazi abekhala kepha manje uzama ukuziqinisa.

Nsizwa:"Njalo masiba nempikiswano kulomshado kungani uhlala ugijimela ukufaka umama?"

Dansile:"Ufuna ngitshele bani Nsizwa, ngiyotshela umawami?"

Nsizwa:"Kuyomtshela amanga into engekho."

Dansile:"Musa ukungenza isilima Nsizwa ubunentombazane wena ekhaya."

Nsizwa:"Uyibonile leyo ntombazane?"

Dansile:"Noma ngingayibonanga kepha ubunayo"

Nsizwa:"Ungangitsheli ngento ongenaso isiqiniseko sayo, mina ngiye ekhaya ngoba ngikhathele ukuthethiswa nguwena. Ukhuluma nami ngathi ukhuluma nengane encane, manje noma sengisekhaya uyangilandela uzongithukela khona."

Dansile:"Pho awubuyanga ngani ubukuphi izolo nemoto yami?"

Nsizwa:"Bengazi ukuthi mangibuya la kuzoba nje yingakho ngingabuyanga"

Dansile:"Nsizwa ungizwisa ubuhlungu"

Nsizwa:"Nguwena ozizwisa ubuhlungu ngalokucabanga izinto ezingekho, uhlezi ungithethisa kepha akukho neyodwa intombazane ongayikhomba uthi nayi ngakugangela nayo."

Dansile:”Nsizwa ngihlala ngifica izimpahla zamantombazane, amakha wabo kuwe kungani ucabanga ukuthi ngiyisilima kanti. Wawungishadelani mangabe ubusafuna ukudlala namanje awungilahli ngani ngiziphilele impilo yami nawe uqhubeke namantombazane wakho Nsizwa. Ingabe ungenza yonke lento ngenxa yokungabi nazo izingane.”

Amuhlabe lamagama umama Nsizwa asukume athathe isikhwama sakhe nokhiyo bemoto makandlula kwindodana yakhe ayibheke naye sekehla izinyembezi umntomdala.

MaKhumalo:”Angikwazi ukuthi lomkhuba wokuzicabangela wena wedwa uwufundephi, angikwazi ukuthi lobunja ubuthathephi nginamahloni okukubiza ngendodana yami. Uyihlo ngize ngimdala ngingaka akakaze angenze lezinto ozenza umaKhoza. Linye elakho liyeza Nsizwa. Kusukela namuhla ufile kimina angisenayo ingane mina.”

Afulathele aphume angasavalelisi athuke ilamagama kamawakhe. Phela akakaze umawakhe akhiphe lamagama awakhiphile namuhla uze uyamugabha njenge ndodana yakhe. Makaphakamisa amehlo inkosikazi yakhe seyihlezi esitulweni ibeke izandla zayo etafuleni iyakhala.

Asondele kuye azame ukumubamba uDansile angafuni nokuthi amuthinte kancane.

Nsizwa:”Nkosikazi yami namanje ngisasho wena uzoguliswa izinto ezingekho angikugangeli mina. Khona ngikwenza ucabanga ukuthi ngingakwenza ekhaya lokho endlini kamama. Buka manje ngalokuhlala ungisola umama sekaze wangiqalekisa, kungani ungangithembi"

Dansile:”Ungenza isilima Nsizwa uphika into noma ngiyibonile ngamehlo wami lawa, ngikutshele nawe. Lentombazane yasesitolo ngayibona iphuma emotweni yakho waphika, manje uyaphika futhi ngiyibonile lentombazane igibela igijima. Kwasegunjini lakho ngibone icondom ephuthelwe ungibuka emehlweni uyaphika.”

Nsizwa:”Ngeke ngivume into engingayazi.”

Asukume uDansile acishe isitofu amushiye lapho aqonde egunjini labo, abuke lomuzi omuhle. Abangani bakhe bayamuhalela kepha abakwazi okwenzakalayo emshadweni wakhe. Angene uNsizwa esazicabanga ayongena kushawa, makaqeda ukugeza azogibela embhedeni uDansile asuke.

Nsizwa:”Ngiyaxolisa ngokungabuyi ekhaya kepha akukho okubi bengikwenza bengisehhotela nje ngedwa.”

Dansile:”Akuvumi ukuthi ungithinte mina Nsizwa awubheke izinzipho kuyacaca abebambelele kuwe ngemva, bese ucabanga ukuthi sizolala kalula nje kanjalo. Cha awungenzi umuntu ngempela ungibona ngiyisilima esingakwazi ukuzicabangela.”

Ngalokho aqonde ekasini lezimpahla zakhe azikhiphe zonke aziphose phezu kombhede amubuke uNsizwa. Uyazi njalo makukhona akusolayo uthatha izimpahla aye kubo

uNsizwa ungathuki futhi amuyeke apake izimpahla zakhe ngapha uyakhala ashintshe izimpahla agqoke ibhlukwe elide namateki, adonse isikhwamakazi sakhe esikhulu siyamusokolisa kepha aphume naso.

Amangalele umyeni wakhe kuthi akamuvimbi nakancane, aphume uDansile ashayele ubhuti wakhe uLwazi angalubambi ucingo. Ashayele umawakhe alubambe ahle akhale.

MaKhoza:”Yini sesi?”

Dansile:”Mama ngikhathele angifuni ukuqinisela manje ngikhathele.

MaKhoza:”Ukuphi?”

Dansile:”Ngikwami ngaphandle kodwa.”

MaKhoza:”Ufuna ukwenzanjani sesi.”

Dansile:”Ngifuna ukubuya ekhaya mama kepha ngisaba ubaba"

MaKhoza:”Uma ufuna ukuza ekhaya buya sesi ubaba wakho ngeke akuxoshe, futhi uyakuthanda.”

Dansile:”Ngiyeza ma"

MaKhoza:”Ngizokulinda ndodakazi.”

Avale ucingo lwakhe aphume nezikhwama zakhe makafika ngaphandle kwegceke ashayele isisebenzi sakhe kuthi simulayele amatekisi agitshelwa ngakuphi. Phela uDansile udla izambane likapondo akayazi into yokuhamba ngamataxi. Masekamulayele ukuthi akhombe kanjani itekisi azidonse izikhwama zakhe, athuke makuma imoto kugibele owesimame kuyo.

“Sawubona sisi kube nzima ukukundlula nalezikhwama ezingaka ngicela kukusiza.”

Dansile:”Uya ngakuphi?”

“Ngizokushiya la oya khona gibela"

Agibele nezikhwama zakhe

Dansile:”Zona bezingisinda ngiyabonga kakhulu dadewethu.”

“Uyaphi nomthwalo ongaka seliyoshona nje ilanga?”

Dansile:”Ngiya ekhaya kodwa ngizokwehla kulomgwaqo phezulu ngizowathola khona amatekisi.”

“Uya ngakuphi?”

Dansile:”Ngiya ngasemasotsheni angazi noma uyazi lapho na.”

“Ave unenhlanhla dade ngiya emsebenzini khona lapho emasotsheni.”

Dansile:"Awuuu kwaze kwaba mnandi ukuhlangana nawe"

"Igama lami uNokuthula."

Dansile:"Mina ngiwu Danisile."

Nokuthula:"Izikhwama ezingaka ubungeke ufike phambili, noma ubuwazi ukuthi umuhle kuzoma ubhuti akusize."

Ahleke uDansile

Danisile:"Yebo bengazi yazi."

Baqhubeke bexoxa nje amubeke esangweni lakubo aze amusize ngezikhwama zakhe bazingenise egcekeni.

Danisile:"Ngiyabonga Nokuthula."

Amubheke emehlweni

Nokuthula:"Yazi ngiyafika kulendawo ngiqeda kuthola umsebenzi angazi muntu, ngingaba umngani wakho"

Danisile:"Usuyangishela zisuka nje."

Bahleke bashintshane ngamanombolo, ubaba wakhe makabona imoto esangweni lakwakhe aphume ayobheka. Azithele kwindodakazi yakhe eyashada ngenkani yaphuma emagcekeni akwakhe angafuni. Akukhumbule konke akusho kuye indodakazi yakhe yamugqolozela emehlweni yamubuza ukuthi ngoba angafuni ayogana ufuna ukumlala na.

Wagcina lapho ukukhuluma naye uKhoza ngoba wamuhlaba lawo mazwi waze washawa nayistroke. Ayibuke indodakazi yakhe ashalazele uDanisile umngani wakhe abone nje ukuthi akumnandanga.

Nokuthula:"Sawubona baba, besengihamba usale kahle Dani ngizokushayela"

Dani:"Ngiyabonga ngokungiletha ekhaya."

Aphume uNokuthula ayongena emotweni yakhe ahambe

Dani:"Sawubona baba"

Azithulele ubaba wakhe abuke nalezikhwama afulathele ayongena endlini, kwehle izinyembezi kuDansile aqhamuke umawakhe amuhage. Onondaba sebabukile bomakhelwane ngoba bayazi bamubona mhla ephuma egcagca enza ezibukwayo nomyeni wakhe.

MaMlangeni:"Ngena sthandwa sami ungakhali."

Bangene nezikhwama aqonde egunjini lakhe lakudala  akukashintshi lutho ngisho izithombe ayehlobise ngazo obondeni zisenjalo. Abuke umawakhe uDansile ahlale phezu kombhede.

Dani:”Angisakhoni mama ngikhathele nokufihla"

Akhale kakhulu asizwe lesililo uKhoza kepha angasukumi azihlalele la ahlezi khona….

***ISIQEPHU 14***

***CEBILE***

Ahambe aze afike kubo amehlo sewabomvu ukukhala aqonde egunjini lakhe aziphose embhedeni akhale uCebile. Akhale ezwe sekukhala ucingo,lwakhe amoyizele makabona ukuthi umngani wakhe angamazi.

Cebile:"Lwazi ngiyaxolisa kukushayela emini ngiyazi sihlezi sikhuluma ebusuku ukuthi kunento engiphethe kabi futhi"

Amungene emlonyeni

Lwazi:"Kahle nkosazana yehlisa umoya"

Azame kudonsa umoya kepha ulokhu uyakhala

Lwazi:"Uyakhala Cebile?"

Angaphenduli

Lwazi:"Ngilayele la okhona ngizofika manje."

Cebile:"Cha ngifuna ukuphumula nje futhi ngiyasaba kuhlangana nawe"

Lwazi:"Hawu usabani?"

Cebile:"Mhlawumbe uyisigebengu nje."

Ahleke uLwazi nephimbo lakhe lize lishayise uCebile ngovalo azizwe afuthumala.

Lwazi:"Mangiyisigebengu ngathi usithandile nje lesgebengu ucabanga sona kuqala mawuphatheke kabi."

Cebi:"Kahle ukuzitshela ngento engekho la"

Athule uLwazi

Lwazi:"Yazi njalo mangikhuluma nawe kuningi okwenzekayo kimi ngicela kukubona nkosazana angisakhoni."

Athule kancane uCebi

Cebi:"Ngiqinisile mangithi ngiyafisa kukubona kepha ngiyasaba."

Lwazi:"Sizoxoxa ntambama ngoba ngikushayela ngisemhlanganweni kunezinto eziningi nje ezenzeka emsebenzini."

Cebi:"Ngiyabonga kungishayela ngiyaxolisa kuphazamisa."

Lwazi:”Cebi.”

Cebi:”Mmmm.”

Lwazi:”Wena ngizokushada yazi.”

Cebi:”Hayibo Lwazi awukwazi ukushela.”

Lwazi:”Angisheli ngiyakwazisa.”

Kuthuleke uCebile umangazwa ukuzizwa ngalohlobo ngomuntu angakaze amubone.

Cebi:”Waze wangilaya lomuntu owakunika inombolo yami.”

Ahleke futhi uLwazi

Lwazi:”Mina ngiyohlezi ngimubonga phumula nkosazana ungasakhali sizoxoxa ntambama.”

Aluvale ngokushesha nje uzizwa sekanokuthula uCebile asukume aye ekhishini afice uAmanda apheka amubheke emehlweni.

Amanda:”Kwenzenjani?”

Cebile:”Sis Amanda sengikahle manje wazi kanjani ukuthi ubhutNathi is the one?”

Amubheke amoyizele makalokhu ayaluka la ekhishini uyamulandela uCebi

Amanda:”Kukhona okuchazayo?”

Cebi:”Ukhona angikaze ngibe njena ngomuntu wesilisa.”

Amanda:”Ngitshele umnyama mude mfishane?”

Athalaze uCebile

Cebile:”Angimazi angikaze ngimubone engikwaziyo nje kwakhe iphimbo elindondayo yooo sis Amanda.”

Ahlahle amehlo uAmanda

Amanda:”Ungangitsheli ngomuntu wakofacebook Cebile uyabona kwenzakalani ezweni makakwenzakalisa lana lomlisa?”

Cebi:”Ngithathekile sisi ngicela ungatsheli ubhuti ngeke ngifake impilo yami engozini"

Amanda:”Ngithembise ngeke uyomubona ngaphandle kwami"

Cebi:”Ngiyathembisa sisi, ngenzenjani ngoba ayyy ngiyalimala ngiyamukhumbula futhi.”

Amanda:”Mangabe ikhehla leli okhuluma nalo elinganawo amazinyo.”

Bahleke

Cebi:”Angicabangi phela lomuntu wayefuna uMihla makacela amanombolo wamunika ewami. Abelokhu emuchwensa wagcina engishayela saqala ukuxoxa kanjalo.”

Amanda:”Asishayele uMihlake akutshele ukuthi unjani"

Cebi:”Azange ngiyicabange leyo.”

Akhiphe ucingo lwakhe uCebile athole umlayezo amoyizele amubheke uAmanda.

Lwazi:*Nkosazana ngeke mina ngicela kukubona manje uyazi mangingakutshela izinto ezenzeka kimi mangikhuluma nawe ngeke ukholwe. Ngiyathemba nakuwe kunje angisakwazi ukulinda. Ngiyathemba usukahle emoyeni.*

Makaphakamisa amehlo umubhekile unkosikazi wabhuti wakhe amukhombe lomlayezo anikine ikhanda.

Amanda:”Lo umtshele ukuthi uzoza nosesi wakho.”

Cebile:”Kulungile"

Achofoze inombolo kaMihla ayifake embhobheni

Mihla:”Girl.”

Cebile:”Njani girl"

Mihla:”Ngiyaphila wena.”

Cebile:”Ngiyaphila, ngathi ulele nje?”

Mihla:”Eyyy ngikhathele"

Cebile:”Ithi ngingakubambezeli, usamukhumbula lomuntu owamunika inombolo yami ngenyanga endlule.”

Mihla:”Ahhhh come on girl mina ngithi usundlulile kulento.”

Cebile:”Angisathukuthelanga ukuthi besilokhu sizixoxela naye, manje ngifuna ungitshele ukuthi ubukeka enjani?”

Mihla:”Hayibo Cebi lomuntu ufana nephara isikhumba sakhe asibonakali nokuthi unjani ngoba uhlezi emnyama usebenza emalahleni.”

Cebile:”Usebenza ini emalahleni?”

Mihla:”Uyawathuthezela ngicabanga ukuthi yena uthwala lamasaka amalahle awathele emakasini ebantu, ngoba ayyy ave encolile. Kwenzanjani usungibuza ngaye.”

Cebi:”Bengithi ngizozithathela yena ngoba uyangichaza kodwa masowusho nje ayyyy"

Ahleke uMihla

Mihla:”Ngeke bakubangise lapha uzoba wedwa.”

Bavalelisane sekadumele uCebile

Amanda:”Wachithe lamanzi sesi ngeke avume ubhuti wakho usufunde kangaka uziphose kumuntu osebenza emalahleni.”

MaNkosi:”Ungumuntu naye nje makakujabulisa mina ngeke ngikugxeke.”

Athuke uCebile abheke umawakhe obaqhamukela ngemuva

Amanda:”Hayibo ma"

MaNkosi:”Ukhulile uCebile makukhona omushayisa ngenhliziyo akazibambele, ubani lomlisa enikhuluma ngaye.”

Cebile:”Ngeke uzwisise mama ngathi ubuhlala ungilwisa kanje ngezindaba zabafana.”

MaNkosi:”Ubusemuncane manje ukhulile, Amanda kuyavuthwa ukudla ngilambile yazi.”

Amanda:”Ngiyaqeda mama"

Abheke indodakazi yakhe ilokhu ishalazela isabe ukumtshela ngoba hhayi alufakwa kumawakhe akekho ongakwazi lokho.

MaNkosi;”Ngane yami usukhulile kepha ngithembise okukodwa nje, awulali nalomlisa ungakamazi kahle futhi umufunde umqondo wakhe. Akungeni muntu la.”

Amukhombe ngaphambili esithweni sakhe  abheke phansi uCebile.

Cebile:”Ngiyathembisa mama.”

MaNkosi:”Kwenza njani amehlo wabomvu kanje ubukhalelan?”

Amubekele okwenzekile emsebenzini,

MaNkosi:”Akakuxoshanga ngomlomo wakhe angithi.”

Cebile:”Cha azange ma.”

MaNkosi:”Kudala ngisebenza ngabantu amashishini ababa wakho angifundisa okukhulu ngabantu. Kusasa uvuke uye emsebenzini makafika uqonde kuye uxolisa ngokuhamba namuhla.”

Cebile:”Makangixosha kabuhlungu?”

MaNkosi:”Uthatha izinto zakho uyafulathela uyahamba uzokwenza mapracticals kubhuti wakho. UnguNkosi wena awusweli lutho''

Amoyizele uCebile

Cebile:”Ngiyabonga mama.”

Amuhage baqhubeke nosuku lwabo kuze kushaye isikhathi sokuthi bayolala abatshele ukuthi ummeli uyeza kusasa ntambama emva kwehora lesihlanu uzofunda ifa.

Nathi:”Lommeli unezakhe naye kumele ngabe kudala afikile.”

MaNkosi:”Nami uyangisolisa kunini ahlehlisa ukuza"

Cebile:”Sengiyolala ma nilale kahle"

MaNkosi:”Kulungile sesi kusasa uvuke uyezwa.”

Cebile:”Nakanjani ma.”

Abashiye bexoxa makangena nje egunjini lakhe ucingo luthule luphinde lukhale futhi uLwazi.

Cebile:”Sawubona"

Lwazi:”Nkosazana.”

Cebile:”Namuhla ngikhathele yazi angikhoni ukuxoxa.”

Lwazi:”Eshuwi waze wangilimaza ngathi ngikukhumbule kangaka"

Azithole emoyizela uCebile abuye akhumbule lento ayitshelwe uMihla

Cebile:”Ngempela ngikhathele"

Lwazi:”Kulungile ngiyathemba ukahle ngalokhu bekukukhalisa emini. Phela mangikuzwa ukhala ngiye ngadabuka emoyeni angifuni ukubona owesifazane ephuma izinyembezi.”

Amoyizele futhi

Cebi:”Ngikahle.”

Lwazi:”Awungitshele ubuso bakho buyindilinga noma bude noma bu square?”

Agegetheke uCebile amulalele uLwazi ehleka

Cebi:”Hayibo ukhona umuntu onobuso obusquare?”

Lwazi:”Uthi ngingazi.”

Kungene uNathi athuke uCebile

Nathi:”Ukhuluma nobani ebusuku kanje Cebile?”

Cebi:”Bhuti ngikhuluma noThembi.”

Nathi:”Letha locingo"

Aluvale ngokushesha uLwazi kungene uAmanda

Amanda:”Buya myeni wami bowuyeke ingane.”

Baphume asale adonsa umoya uCebi avale nomnyango akhiye ashayele uLwazi futhi alubambe.

Lwazi:”Lwazi hellow"

Ahleke uCebile

Cebile:”Manje wase uyathobeka.”

Lwazi:”Angazi phela noma ubhuti na ngikuzwile phela uthi bhuti"

Cebile:”Bengifuna kukuvalelisa kahle nami angisakhululekanga.”

Lwazi:”Akafuni ngawe ubhuti wakho?”

Cebile:”Ungigadile, ulale kahle"

Lwazi:”Ulale kahle Ndlangamandla wami"

Aluvale alale elokhu ezama ukumakha ngamehlo engqondo ukuthi unjani lomlisa….

***ISIQEPHU 15***

***LWAZI***

ULwazi makaqeda ukukhuluma noSiyabonga aphume athi uyofuna uAngel angamufici omunye wabafundi amutshele ukuthi umuxoshile uSizakele.

Siya:"Mnumzane ingabe kukhona okwenzekayo phakathi kwakho noSizakele?"

Lwazi:"Ubuziswa yini?"

Siya:"Izinto azenzayo ayyy namanje uyithathaphi imvume yokuxosha lomntwana. Mina bengicela umubuyise ngoba ikhampani ilahlekelwe imali eningi uhlakaniphile lomntwana uzosibonisa naye uzothola ulwazi futhi."

Amoyizele uLwazi amubheke uSiya

Siya:"Ohk ngicela ukukhuluma nomngani wami hhayi ibhosi yami."

Lwazi:"Ngilalele mngani khuluma"

Siya:"Ukuthathile lomntwana?"

Lwazi:"Ubuziswa yini?"

Siya:"Indlela oba ngayo makukhulunywa ngaye, noma ukhuluma naye uba ngenye indlela."

Lwazi:"Siya ngiyahlanya mina yazi noma sengingenwa idimoni leli eliniphathayo lokudlala ngezingane zabantu"

Siya:"Wena ngeke likungene lelo dimoni ngathi lakuhlula sisakhula."

Lwazi:"Phela kunomntwana engathola inombolo yakhe ngephutha ngamushayela ngihlala ngixoxa naye. Yazi mangikhuluma nalomntwana konke kuyema kepha uyasaba kuthi sibonane. Manje nangu loAngel hayibo ikhona ingane yabantu mhlawumbe kuye ngihehwe ukuthi wahamba nendodakazi yami wayinakekela nayo ihlezi ikhuluma ngaye."

Ahleke uSiya

Siya:"Ayyyyyyy usenjeni ndoda mina ngithi ungamusheli uAngel ngoba ubudlelwane bokusebenza buzophazamiseka kwenzeke amaphutha amaningi wena qhubeka nalo osocingweni."

Lwazi:"Uqinsile kodwa hayi uke wamubuka kahle uAngel?"

Siya:"Ngamubuka afika la kepha mangibona amehlo akho kuye ngashesha ukuzikhuza."

Lwazi:"Awuthi ngishayele isithandwa sami socingo ngoba ungishayele"

Siya:"Uzomubuyisa uAngel angithi?"

Lwazi:"Ngizomushayela kusasa ekuseni manje akehlise umoya naye."

Ahambe ayoshayela uAngel wakhe mabaqeda aqonde emotweni yakhe, amulandele uSizakele ngejubane.

Siza:"Mnumzane bengicela ilift bandla umawami akaphilanga kahle ngibona ngathi isikhathi sizongishaya ngifice ubhuti sekahambile ngoba nguyena osala nomama emini."

Lwazi:"Kulungile singahamba."

Bagibele ababuke uSiyabonga aqhubeke noSbusiso omunye wabafundi, bahambe.

Siza:"Ngoba wena uhlala kolunye uhlangothi ungangishiya esiteshini samabhasi noma izohamba kudala nje"

Lwazi:"Ihamba ngobani iskhathi?"

Siza:"Ihamba ngo5."

Lwazi:"Bonke labantu bazohamba ngo5 la?"

Siza:"Eya mnumzane."

Lwazi:"Ngizokushiya kini."

Ajabule uSiza

Siza:"Ngiyabonga mnumzane kakhulu."

Afake umculo uLwazi baqhubeke nohambo

Siza:"Yazi sengikusebenzele iminyaka emithathu angikaze ngikubone unomuntu ohlekisana naye, ingabe unaye?"

Lwazi:"Phela mina nawe asibangani yingakho ungazi noma nginaye umuntu noma anginaye. Nawe angikwazi ukuthi unaye noma cha akungihluphi lokho ngoba akusiko ekumele sikuxoxe."

Aswabe uSizakele azisole nokuthi ubuzeleni ashise umzimba wonke bangabe basaxoxa. Amulayele aze afike esangweni lakubo ehlike.

Siza:"Ngiyabonga mnumzane."

Lwazi:"Kulungile."

Ayisuse asale ankemile ayongena endlini, uLwazi makafika kubo afice umawakhe ekhishini.

Lwazi:"Salukazi sami ucabanga ini wajula nje."

MaKhoza:"Ngikhathazekile ngoDanisile, ukhona ubuye nezimpahla ubaba wakho selokhu afikile akakhulumi lutho"

Lwazi:"Uyazi angithi mama indlela ahamba ngayo la ekhaya kufanele ubaba angazizwa kahle."

MaKhoza:"Ngiyazi ndodana kunzima angifuni ukubona umyeni wami agula futhi kanti sekaluleme."

Lwazi:"Kusasa ngizohamba naye kuya emsebenzini azopholisa ikhanda"

MaKhoza:"Ngeke basebenze abantu ubaba wakho ala ngoba uyamazi uyakhuluma nje."

Lwazi:"Bazomujabulela wena uzosala ukhuluma nendodakazi yakho kahle."

Ayibuke indodana yakhe amoyizele

MaMlangeni:"Ngiyazibuza ukuthi awusheli ngani uganwe wena uzoyiphatha kahle inkosikazi yakho. "

Lwazi:"Soqalile ma ithi ngithole amanzi ngibone lekhehla lami, liphi?"

MAkhoza:"Usesibayeni"

Lwazi:"Akajabulanga makalapho."

MaKhoza:"Ngiyazi nami"

Aphuze amanzi bese uyaphuma igceke lakhabo Lwazi likhulu baphila isimakhaya noma bahlala elokishini. Kunesibaya emuva le amulandele afike eme ngaphandle ubaba wakhe uhlezi phakathi nesibaya. Yena abambelele ngezinsimbi lezi ezikambele isibaya.

Lwazi:"Mkhathini"

Khoza:"Usubuyile ndodana?"

Lwazi:"Ngingangena?"

Khoza:"Awufuni ukuthatha angithi ungangeni."

Amoyizele uLwazi abuke ubaba wakhe esondela eza kuye

Lwazi:"Uyazi mzukwana ngathatha ngizolala kulesibaya ngibhadalise sonke lesikhathi unginqabela"

Ahleke ubaba wakhe

Khoza:"Uzobe sewuyindoda lapho ngeke ngikunqabele mina."

Lwazi:"Udliwa yini Mkhathini?"

Khoza:"Yazi umuntu uyakhula kepha mangibuka izimpilo zenu inhliziyo yami iyalimala. Umfowenu uthathile ungumgulukudu nje akanandaba nempilo akayihloniphi futhi, angisayiphathi eyenkosikazi yakhe bahlala bandiza baya phesheya abacabangi kuba nezingane. Omunye umfowenu ungumfundisi usencono kunathi akalibeki unyawo lwakhe la. Nangu udadewenu my twinkle wangigxabha ngenkulu inhlamba washada nomuntu engingamufuni. Ubuyile manje ekhaya kusobala umyeni wakhe kukhona akwenzile ngoba abekhala. Wena ndodana unayo ingqondo uyazihlonipha kodwa awufuni ukuthatha ulokhu ukhalela umama wengane yakho."

Athule uLwazi ubaba wakhe uqinsile manje uzibeka yena icala.

Lwazi:"Akusilo iphutha lakho baba uwenzile umsebenzi wakho ngathi ngeke uphinde usiphilele izimpilo zethu."

Khoza:"Ndodana ngiyahalela ukuba nabazukulu nami bagcwale igceke leli bamoshe konke kubheke phezulu."

Amoyizele uLwazi azicabangele lomngani wakhe wasocingweni

Khoza:"Ndodana usho ukuthi akukho nokukodwa kwamabedlana okuthandayo?"

Ahleke uLwazi

Lwazi:"Hayi baba phela mangingabheka wonke amabele ngingagcina sengidlala ngezingane zabantu."

Khoza:"Usukhulumile nodadwenu?"

Lwazi:"Cha ngizomubona masesidla, ingabe uzomxolela yena?"

Khoza:"Wake wabona umzali ezonda ingane yakhe? Anginalo igqubu naye kepha indlela angana nhlonipho ngayo ayingiphathi kahle."

Lwazi:"Ngiyakuzwa baba."

Khoza:"Kwenzanjani emsebenzini?"

Lwazi:"Ungathanda ukuhamba nami kusasa uzozibonela?"

Khoza:"Uthi uzovuma nje unyoko phela sengaba yingane kuye akangigadi nje."

Lwazi:"Ngikhulumile naye"

Khoza:"Ngingajabula ndodana."

Bangene endlini uDanisile sekasekhishini nomawakhe, ashalazele uLwazi amubingelele bese uya egunjini lakhe, ayozixoxela noCebile…

***KWANKOSI***

Sekuthulekile wonke umuntu ulele kanye naye umaNkosi uGugu. Ezwe sekukhala umnyango aphakamise ikhanda angaboni lutho. Avuke aqonde egunjini likaButana ngoba uyasola lento eyenzekile kuye ebsuku bekunguye uButana azenza umyeni wakhe. Amufice alele aphume abuyele egunjini lakhe uzizwa ngathi kukhona ombhekile nendlu seyisuke yamuthusa. Asheshe ayongena egunjini lakhe akhiye angene engubeni aze agubezele.

Aphefumulele lapho phakathi kwengubo kabuhlungu aze azumeke, sekaphakathi nobuthongo ezwe kuthi ngathi kukhona ongena ezingubeni. Azame kubheka amubambe lomuntu futhi ngezandla ezimnandi asondele kuye asizwe nesitho sakhe simuthinta izinqe lezi. Noma ayizwa lemizwa kepha azame kulwisana nayo

Gugu:"Usubuyile?"

Mondli:"Akukho la engizoya khona nkosikazi."

Gugu:"Mondli awusekho kulomhlaba khawula ukungihlupha."

Amuphulule isandla sakhe masiya ngaphambili esithweni sakhe athuke uGugu azame kusivimba.

Mondli:"Ufuna kunginqabela uyakhumbula ngikwenza  nje silele phansi ekhishini ekhaya abazali bami bathi bayasigada singenzi lutho"

Acabange uGugu amoyizele yedwa makakhumbula imikhuba babeyenza bebodwa.

Gugu:"Ungubani kodwa?"

Mondli:"Umyeni wakho."

Gugu:"Umyeni wami akasekho kulomhlaba ngingumfelokazi mina."

Mondli:"Abantu bakwazi ungumfelokazi kepha usenaye umyeni ngizokuvakashela njalo ngalezinsuku engaziyo ukuthi uyangidinga."

Gugu:"Uzozazi ngani lezo zinsuku."

Mondli:"Kahle gugulami ngizazi kahle masewuzoya emalangeni akho ubuhlala ungifuna, noma sewuqedile. Manje ngiyazi usuzoya esikhathini yizwa umanzi. Ngizoyanelisa imizwa yakho ungumfelokazi  wami. "

Avale amehlo uGugu alalele lezandla ezimuphulula kamnandi wonke umzimba azidedele kuthi noma ngabe isipoki noma uyathakathwa akanamsebenzi kwenzeka lento emanelisayo. Azenzele ngaye ngendlela umyeni wakhe ayehlala emunelisa, amangala masekachama lomuntu noma lesipoki. Vele ukhipha isidoda azibuze ukuthi sikhona isipoki esingenza lokhu kodwa.

Gugu:”Uyazi uzongenza ngihambe ngiyozwa kubaphrofethi ukuthi kwenzakalani ngawe.”

Mondli:”Ungalinge ukwenze lokho Gugu wena khulula inhliziyo ungamukele mangifika, ngiyakuthanda uyezwa.”

Gugu:”Ngiyakuthanda myeni wami, kusasa kuzofundwa ifa lakho"

Mondli:”Ngiyazi asilale"

Amubambe amuqinise uGugu azizwe asekhaya kulezingalo zomyeni mbumbulu. Makaphaphama kusile akekho lomyeni angamuboni ebusweni. Azithinte ngempela abengaphuphi lento iyenzeka ngempela. Avuke ayogeza alungisele usuku olusha….

***ISIQEPHU 16***

***KWAMZOBE***

UMihla avuke ekuseni azilungise abe muhle

MaMzobe:"Hayibo uyaphi wamuhle ekuseni kangaka?"

Mihla:"Ngiyaphuma ma nabangani bami siya emall"

MaMzobe:"Mihla kanti akusayiwa ekolishi?"

Mihla:"Siqedile ukubhala ma."

MaMzobe:"Niziphathe kahleke la eniya khona"

Mihla:"Mama ngicela imadlana nje nami ngizothenga isiphuzo esibandayo."

MaMzobe:"Ngiyathemba awukhulumi ngobhiya"

Kungene ubaba wabo ayibuke indodakazi yakhe

Mzobe:"Masozipequle izinkophe zangaka nje uzenzeni?"

Mihla:"Lutho baba"

MaMzobe:"Cela kubaba wakho mina anginayo."

Mzobe:"Mangabe imali cha anginayo."

Mihla:"Hawu baba ngiyacela ngihamba nabangani bami ngoba siqedile ukubhala siyozijabulisa nje emall."

Mzobe:"Nizijabulisa kanjani?"

Mihla:"Sizoya endaweni yokudla sithenge."

Mzobe:"Mameshane anihambi ngani nokudla kwasemakini nizihlalele khona?"

MaMzobe:"Nika ingane baba makangahambi uzolokhu esibuke emehlweni nathi singasakhona nokuzixoxela lokhu"

UMzobe abuke inkosikazi yakhe imucishele iso bese ubuka indodakazi yakhe ngokushesha ayiboni lutho. Amoyizele into engekho nje uMzobe akhiphe imali ekhikhini amunike.

Mihla:"Ngiyabonga babami."

Mzobe:"Angikuthumi ukuthi ungabuyi ekhaya noma ubuye ebusuku."

Mihla:"Ubaba ufuna ngibuye ngobani isikhathi?"

Mzobe:”8 akushayele la endlini"

Ahage abazali bakhe abuyele egunjini lakhe ayozilungisisisa kahle athathe isikhwama sakhe esincane aphume.

Mzobe:”Seyiqomile lengane.”

MaMzobe:”Nami ngiyamusola baba kepha ukhulile manje usezingeni lakho.”

Mzobe:”UMihlayenkosi uziphakamisa kakhulu akadalelwanga ukuba nomuzi.”

MaMzobe:”Hawu baba usungaze uqalekise ingane yethu kanjalo.”

Mzobe:”Uxolo nkosikazi angimuqalekisa ngikhuluma into engiyibonayo, akazwani nokusebenza iyiphi indoda engamelana nalokho.”

MaMzobe:”Phela baba uzothola onezimali onjingile azokwazi ukumqhashela izisebenzi ezizosebenza endlini.”

Mzobe:”Haaawu indoda ayikufuni lokho umuntu noma anesisebenzi kepha okunye indoda ifuna kubona inkosikazi yasekhaya imenzela ngezandla zakhe. Buka uAmanda ushade emndenini ocebile kodwa izisebenzi dololo.”

MaMzobe:”Futhi loyo uhlupha nomkhwenyane kumele ngimushayele eze ekhaya sizoxoxa.”

Mzobe:”Ingabe wenzeni?”

MaMzobe:”Phela baba ngosuku lomncwabo wababezala wakhe, wahamba masibuya emathuneni nabangani bakhe, kukhona nomfana kulaba ngani bakhe bayaphuza. Umkhwenyane akamufuni kabi lomfana yena uyaqhubeka naye.”

Mzobe:”Mubize khona namuhla nkosikazi angasifakeli ihlazo emzini, phela lomndeni uhlonipheke kakhulu. Noma intsika yomuzi seyiwile kuyacaca ukuthi umyeni wakhe nguyena ozosukumisa izinto. Kumele aqine uAmanda mubize ngizomubhaxabula”

MaMzobe:”Baba usungashaya umuntu onomuzi wakhe pho.”

Ubuza uyazihlekela umaMzobe

Mzobe:”Noma angaba isalukazi esingakanani uyohlezi eyindodakazi kimina.”

Bahleke bobabili

Mzobe:”Asiye egunjini nkosikazi uzokwazi ukumushayela masiqeda.”

MaMzobe:”Hawu baba ngisaqedela la.”

Mzobe:”Kahle bo sengiluleme phela angikwazi ukulinda angithi uxoshe nendodakazi yakho sizokwazi ukuxoxa kahle. Buya mamakhe buya nkosikazi kaMzobe.”

Asukume afulathele umaMzobe asale emoyizela  yedwa amulandele….

***MIHLA***

UMihla uphume kubo waqonda khabo mngani wakhe uSbongile, amufice eneka izimpahla zakhe umawakhe awasha.

Mihla:"Sanibonani ma"

MaSbongile:"Ekuseni kangaka wena usugqoke amaqhumela uvuke wangena indlela wangenzela nomawakho itiye leli"

Sbongile:"Hawu ma."

MaSbo:"Hayi ini wena ingane yentombazane kumele iqlae ngomsebenzi wasendlini bese iyaphumake iphinde isheshe ukubuya lingakashoni ilanga, uyaphi ekuseni nje uSbongile akahambi nawe kumele asebenze la."

Abe nezinhloni uMihla angasakhoni nokusho lokhu bekakuzele kumngani wakhe.

Mihla:"Cha ma angizanga ukuzomthatha bengizomvalelisa ngithi ngizomubona masesiyolanda imiphumela yethu ekolishi ngiyovakasha."

MaSbongile:"Khulumani niqedeke ngoba isikhathi siyahamba lezimpahla ngeke zizineke."

Angene endlini umawakhe

Sbo:"Mngani ngiyaxolisa uyamazi umama."

Mihla:"Akakaze angithande umawakho vele."

Sbo:"Uthethisa wonke umuntu umama ungazikhathazi ngaye, uyaphi vele?"

Mihla:"Mngani bengithi sizophuma siye emall phela uNsizwa ungiphe imali bengifuna sithi ukuhamba nathi."

Sbo:"Mngani ukube usho izolo ngizothini manje kumama."

Mihla:"Ngiyazwisisa mngani nami ngizibonele ngizocela uNhloso."

Sbo:"Loyo uhlezi esemgwaqeni mngani ngaze ngaba nomona."

Mihla:"Ayyy angifuni ukuba sekhaya namuhla"

Sbo:"Ngicela ningilinde khabo Nhloso ngizocabanga amanga ngiwatshele umama ngiyeza mngani wami."

Mihla;"Shesha mngani phela ngifuna ukuya kulesiya sitolo."

Sbo:"Siphi?"

Mihla:"Uzosibona."

MaSbo:”SBONGILE IZOZINEKA LEWASHING?”

Bahlukane ngokushesha uMihla aye khabo Nhloso amufice ethethisana nogogo wakhe nje ngenhlalayenza.

Mihla:”Sanibonani"

Gogo:”Nawe uyafika nje ekuseni njengaye lomngani wakho?”

Nhloso:”Hhayi gogo usuzotshela bonke abantu manje"

Gogo:”Ubuyaphi usulala amalundu manje"

Nhloso:”Mngani asiphume ugogo wenza ngathi ngangikhona ebusheni bakhe alokhu engibangisa la.”

Gogo:”Ukusho kubani lokho?”

Baphume baye ngaphandle

Mihla:”Mngani ngifuna ukuya emall ngibhorekile ekhaya"

Nhloso:”Uzongithengela okumnandi?”

Mihla:”Eya kodwa hamba uyogeza kuqala ngizokulinda ugogo uthi ubuya endodeni''

Nhloso:”Siyangicasula lesalukazi ayyy"

Babuyele endlini angamulaleli ugogo elokhu ethetha akhe amanzi awabilise.

Gogo:”Hhey wayeke lamanzi angithi uyazi asinawo umpompi la kumele ngithwale ibhakede lamanzi ngiyowakha wena bese uyangiqedela lawo manzi. Hamba uyokha amanzi wakho.”

Nhloso:”Gogo yini na ngizowakha mangibuya usungaze ubalise ngathi uwakhe kude le kanti uwakhe la khabo Sbongile.”

Gogo:”Nhloso.”

Nhloso:”Gogo uhlelele lokho ungafi ezinye izalukazi zifa ugadane namanzi hayisuka maaan.”

Agegetheke uMihla ngale egunjini laNhloso athule ugogo wakhe amubuke ngoba akanawo amandla okumuvimba athathe nendishi esenamanzi ayogeza. Kungene uSbongile naye sekagezile.

Sbo:”Sawubona gogo, ukhona uNhloso?”

Gogo:”Ungale egunjini lakhe.”

Sbo:”Ugogo ngathi akaneme nje ukahle?”

Gogo:”Ukuguga nje mntanami hamba uyobona umngani wakho.”

Ahambe naye makangena sekayazilungisa sekashintshise noMihla lokhu abekugqokile wamunika into emfushane.

Nhloso:”Awubonike, mngani iyamufanela ne?”

Sbo:”UMihla unamathanga amakhulu kanti umhlophe lento imenza abe nqunu kakhulu abegqoke kahle ekuseni.”

Mihla:”Ayyy nami ngizwa ngiyayisaba mangigoba nje kuzoba njani.”

Nhloso:”Kufuneka lokho mngani zibuke unezitho uzowabona amadoda azobe ejika nawe.”

Sbo:”Mihla unalo isoka manje angithi ucabanga ukuthi lizojabula uhamba nento enje"

Nhloso:”Kahle umona mngani unezitho unomzimba omuhle, asambeni wena awufuni ngikugcobe kancane.”

Sbo:”Cha ngikahle mina.”

Nhloso:”Sboh you are dull okungenani faka ilipstick sizoyisula masoya endlini, naye uMihla uzokhumula"

Sbo:”Kulungile"

Amugcobe naye amuncenge kuthi naye ashintshe anqabe aze avume.

Sbo:”Uma angangibulala makangangibona.”

Nhloso:”Sizophuma ngale ngeke sindlule kini"

Mabaqeda baphume sebagqoke izigcebe kepha uSbongile akazijabuleli neze, ababuke ugogo kaNhloso anikine ikhanda, abe nezinhloni uSbongile afise nokujika kepha aqhubeke nohambo. Bahambe bayogibela itekisi yonke lendlela kubukwa bona nohleko lwabo oluqhuma phezulu…..

***ISIQEPHU 17***

***LWAZI***

Lwazi:"Baba awuqedi ukudla."

Khoza:"Ngiyaqeda ndodana nawe usungenza ingane kakhulu maan"

Lwazi:"Ngiyaziphindisela angithi wawusenza nje masiya esikoleni."

Khoza:"Hawu kwenziwa njalo kanti"

Bahleke uDanisile usaba nokufakaza kulengxoxo yabo mabaqeda basukume bavalelise, uLwazi makayongena emotweni.

Khoza:"Cha ndodana phela ngihlala ngihlezi la endlini angifuni ukuhamba ngalemoto ekhehlekile ngifuna lomshini wakho."

Lwazi:"Hawu kahle baba sengingathatha iJaquer kuthi ngiye emsebenzini obhuqwini"

Khoza:"Ndodana musa ukuncishana"

Lwazi:"Bona baba masibuya ngiyathembisa ngizokuhambisa ngayo siye noma ezitolo nje."

Khoza:"Leqhalaqhala eliwunyoko ulibekaphi ngoba ungigadile nje."

Lwazi:"Ngeke abe nenkinga umama mawuhamba nami futhi usungumqemane manje"

Khoza:"Ndodana kodwa uyanginakekela asambeke ngalegandaganda yakho"

Ahleke uLwazi bangene emotweni bahambe la endleni ubaba wakhe ulokhu umukhomba izintombi.

Khoza:"Nayi enye ndodana le uyayibona izothile buka igqoke lelokwe elihula phansi uzokuphatha kahle."

Lwazi:"Baba awume maaan hawu mina ngifuna umuntu ozokwazi ukuhlala nani ngoba angiziboni ngiphuma ekhaya"

Khoza:"Nathi siyajabula nomawakho kepha kwamele ube nawo umuzi owakhile ngoba masesilifulathela leli sinomawakho ngeke nihlale kamnandi. Nangu uDansile ubuyile ekhaya ngoba lisekhona ilikhaya."

Lwazi:"Uqinsile baba."

Kume imoto phambi kwabo kwehlike uAngel ashawe uvalo kancane uLwazi ngoba ugcine izolo bathi uxoshiwe. Abuye abe ne njabulo isuke imoto umshayeli wayo axolise ngezandla zombili ngokuma endleleni. Amushayele ihutha uLwazi kubonisa ukuthi

ayikho inkinga. Ubabawakhe amubuke elokhu ebuke uAngel akasashayeli manje umile endleleni. Lizithulele ikhehla ngathi alikho kwala emotweni, kukhale enye ihutha emva kwabo athuke. Iveni yakhe elayisha izisebenzi ishayelwa uSiyabonga, ayisuse futhi ashayele bangene noma sebandlula uAngel amubheke futhi aze amubheke esibukweni. Behlike izisebenzi ezazi ubaba wakhe zimujabulele zimuxhawule kube nomsindo, uSiyabonga asondele kuLwazi.

Siya:”Mnumzane"

Lwazi:”Awume nawe ngokungibiza kanjalo.”

Siya:”Ubuyile uAngel ngicela nikhulume kahle ulungise lento yaSizakele lomntwana noSbusiso sibadinga duzane nathi.”

Lwazi:”Angiboni ngizokhona ukusebenza nalomntwana.”

Angabi asakhona ukuchaza isizathu sakhe afike kubo uAngel abingelele ngokuzotha, noKhoza asondele ngoba ubonile umkhuba owenziwe indodana yakhe phambi kwakhe.

Angel:”Sanibonani”

Siyabonga:”Angel unjani?”

Lwazi:”Sawubona Angel.”

Babukane uAngel asuse amehlo wakhe kuye

Angel:”Mnumzane ngiyaxolisa ngalephutha elenzeke izolo kepha bengicela ungiphe ithuba lesibili ngibonile kuningi engizokufunda la okuzongisiza nami. Ngiyathembisa ngeke kuphinde kwenzeke"

Khoza:”Kulungile ndodakazi hamba uyoshintsha ubuye siyosebenza.”

Amoyizele uSiyabonga, uLwazi abuke ubaba wakhe ngokumangala akazi nokuthi uxoliselani uAngel

Lwazi:”Kulungile uphi lomngani wakho uSbu namuhla?”

Angel:”Nangu engena"

Bonke baphenduke uhambisana noSizakele osohambela phezulu ngoba nakhu ubona uAngel ume celeni kwalomuntu amfunayo uLwazi wakhe.

Siya:”Mnumzane la sisemsebenzini ungakhohlwa ukuthi asizelanga kuzoncenga imizwa yabantu, Angel asambe siye kuleyandlu besikuyo izolo ungakahambi.”

Balandelane uLwazi aphinde amubheke

Khoza:”Ususebenza nabantu besifazane manje, kuzomosheka izinto ndodana bengicabanga ukuthi usebenza noSizakele yedwa.”

Amuchazele ukuthi abafundi bazophinde bayeke futhi

Lwazi:"Asingene ehhovisi baba"

Avule bangene alandele uSizakele abe sekafikile naye angenisane nabo.

Siza:"Mnumzane ngibona lentombazane ibuyile futhi?"

Lwazi:"Manje?"

Siza:"Sikhulumile ukuthi asishodi ngayo asiyidingi igcwele ukudlala futhi izokumoshela ngoba izele imali kuwe."

Amubheke uLwazi abheke nobaba wakhe amufice amangele naye.

Lwazi:"Sizake mina nawe asikaze sibe abangani futhi soze sibe yibona, ungomunye wabasebenzi umthetho olandelwa ilabasebenzi kumele ulandelwe nanguwe. Angikufuni la ehhovisi lami ngingakubizanga. Angiliphothi kuwe wena uyasebenza uyaholelwa. Ngiphinde nje ngizwe ukuthi kunesisebenzi osixoshile la mina ngizoxosha wena ngibhadale sona ngomholo wakho."

Siza:"Kodwa…"

Amungene emlonyeni

Lwazi:"Uyangizwa?"

Siza:"Ngiyakuzwa mnumzane."

Lwazi:"Good manje phuma uyoqala umsebenzi njengazo zonke izisebenzi."

Anyobozele aphume uSizakele ngobukhulu ubuhlungu lobu kanye nokuswaba, kungene uSbu.

Sbu:"Mlungu ubhutSiya uthi ucela uzobona."

Baphume bamulandele uSiyabonga ukanye noAngel bafike beme

Lwazi:"Kukhona okunye?"

Kuthuleke uSiyabonga abheke uAngel

Siya:"Khuluma Angel."

Angel:"Uzokuchazela kancono uSbusiso ngoba nguyena obonile mnu."

Amungene emlonyeni

Sbu:"Kahle ndoda qhubeka mina angikuzwanga futhi lokhu okuchazile."

Azilume udebe lwakhe olungezansi uLwazi abheke uAngel

Lwazi:"Uthe ucela ithuba lokusebenza angithi hhayi amaphutha khuluma asikho isikhathi sokudlala umacashelana."

Athuke bandla uAngel abheke uLwazi abuye ashalazele futhi uvalo luzame nokumvala ukuphefumula. Adonse umoya kakhulu asuke kancane kubo abakhombise phansi la indlu ibonisa isikhala.

Angel:”Mnumzane kusafana nalokhu engikusho izolo, umdwebi ukumoshele indlu mayenza kanje kubonakalisa lento engayichaza ekuqaleni.”

Khoza:”Wachazani makoti wami?”

Bangamunaki nje ngoba bonke abantu abadala babizana ngomakoti noma mkhwenyane.

Angel:”Lana umdwebi lezindlu wazidweba zabheka la kungamele zibheke ngakhona ngoba indawo enezihlahla kanje ayikhoni ukubamba amatoilet uma abheke le ngenxa yezimpande zalesihlahla.”

Asondele uKhoza amubheke emehlweni

Khoza:”Sesiyayazi inkinga ingabe unaso isixazululo?”

Angel:”Umnumzane makangaqhubeke akhe la lezindlu ngeke ziwuqede ngisho iminyaka emihlanu uzowa ngoba ezinye sezihle zibukisa ngalokuqhekeka zingakapheli nokwakhiwa. Ngiyazi sekumosheke imali eningi kepha lezindlu kumele zibhidlizwe ngaphandle kwalezi ezingale kwemall.”

Lwazi:”Mana wazi ngani ukuthi lezo zindlu zakhiwa yithina?”

Angel:”Ngiwumdwebi mnumzane sekwaba yikhono kimina ukufunda isandla somakhi, leza zindlu angikaze ngisondele kuzo kepha ngizibona mangindlula ngophahla nje qha.”

Khoza:”Ndodana"

Lwazi:”Ba”

Amangale uAngel ukuthi ubaba wakhe kanti lo yena abezitshela ukuthi uphathina wakhe nje.

Lwazi:”Manje masizibhidliza kuzokwenzeka ukuthi zakheke ngenye indlela ngoba isakhiwo (foundation ) seyihleli futhi uyazi iyagcitshwa yona kakhulu.”

Angel:”Kuzokwakheka mnumzane ngizobe ngikhona nami.”

Lwazi:”Ngaleso sikhathi uzobe sewusiqedile isikhathi sakho nje.”

Angel:”Mangabe umnumzane uzongivumela ngizoqhubeka ngize noma ngingeza izinsuku ezimbili evikini.”

Lwazi:”Noma ezine.”

Angel:”Noma ezintathu"

Lwazi:”Noma ezinhlanu.”

Angel:”Ezinhlanu sekuyisonto lonke mnumzane.”

Lwazi:”Masifuna ukuqeda sisebenza ngisho nangesonto.”

Angel:”Ezinhlanuke ngoba ekhaya siya enkonzweni.”

Bonke sebababukele ngalempikiswano yabo echuphuluzana imizwa kepha abanakile.

Lwazi:”Siyabonga shayela uMlambo alethe bomakatabula azobhidliza uthathe abasebenzi baye kosiza ngale kulezi ezinye izindlu"

Sbu:”Ngicela ukuhamba nami mnumzane ngiyobona nje ngale"

Lwazi:”Kulungile hamba noSiyabonga.”

Angel:”Mnumzane njengosomashishini kumele ucabange kuqala awukwazi kuvele uthathe isnqumo esinje ikakhulukazi masizokulahlekisa ngemali.”

Lwazi:”Imali izolahleka kepha izobuye ibuye isiphindekile umuntu ongicebisile ngiyamuthanda"

Ahlahle amehlo uAngel naye athuke uLwazi

Lwazi:”Ngiqonde ukuthi ngiyamuthemba.”

Amoyizele uSiyabonga ikakhulukazi makabona isimo sababa Lwazi sobuso, umntomdala anikine ikhanda. Kukhale ucingo lwaAngel alukhiphe makathi uyalubamba akhumbule ukuthi ucishe waxoshwa ngendaba yocingo alubuyisele emuva.

Lwazi:”Ngibonile ushayelwa umama luphendule mina anginqandi muntu kuthi aphendule izingcingo zabo engingakufuni ilabofacebook njalo.”

Angel:”Ngiyabonga mnumzane.”

Makathi ushayela umawakhe futhi lukhale okwesibili aluphendule.

Angel:”Sawubona ma.”

Asuke ngakubo kepha angaphumi endlini uSiyabonga ahambe amulandele uSbusiso, kusale uLwazi nobaba wakhe bazinakele lokhu bebakubuka.

Angel:”Mama izolo ngisheshile kuhamba ngiyasaba kucela namuhla kanti ngisencupheni.”

………..

Angel:”Ukhona wena ungumawami akalifunde ummeli ma ngizozwa ngawe mangifika ekhaya"

Avalelise aluvale abuye umoya sophansi ngoba ukufundwa kwefa kungufakazi ukuthi ngempela akasenaye ubaba.

Khoza:”Awusabukeki umnandi makoti"

Angel:”Ekhaya kuqeda kufika ummeli kababa uzofunda ifa manje sekuyisikhumbuzo nje ukuthi angisenaye ubaba"

ULwazi ezwe ubuhlungu ngendlela naye angakhoni ukuyichaza ngokubona uAngel esenje kanti bekamoyizela manje.

Lwazi:”Buya ngikumukise ekhaya uzobuya kusasa.”

Angel:”Kumele ubekhona mababhidliza mnumzane.”

Khoza:”Ngikhona mina ngiyaxolisa makoti ngobaba wakho uyezwa.”

Aphume uLwazi ayolanda bokhiyo ehhovisi

Angel:”Ngiyabonga baba"

Khoza:”Yazini mina ngihlala ngihlezi ekhaya ngoba bangenza ingane angithi sengigugile uma kukhona okudingayo uze ngingajabula kukusiza njengobaba. Ave uhlonipha futhi uthobekile ungasakhali manje.”

Angel:”Ngiyabonga baba"

Khoza:”Mana ngikulayele ekhaya.”

Amulayele yize kuchelile kepha ayibone lendawo amuchazela yona ngoba ukhulele kulendawo. Aphume ehhovisi uLwazi ababuke

Khoza:”Awumubheke ukhukhumele naye uzosala anganababa ngelinye ilanga"

Azithole ahleka uAngel abonge futhi ahambe makangena emotweni uSizakele uyababona inhliziyo yakhe ayizwe igaya izibozi. Ayizwe iphenduka ngathi igcwele ububi bezibungu acasuke ngenye indlela. Ashayele uLwazi elokhu ebuka lentombazane ezama kutshontsha inhliziyo yakhe kepha uyazikhuza ngoba yena ulangazelela lo axoxa naye ocingweni njalo.

Lwazi:”Ngiyaxolisa ngobaba wakho.”

Angel:”Engikubongayo nje ukuthi ubaba wasikhulisa wasipha nemfundo. Manje bekumele adle izithelo zezingane zakhe sekayasishiya.”

Lwazi:”Unguthumbu kini?”

Angel:”Eya.”

Lwazi:”Kuyazisho.”

Angel:”Kuzisho njani ngoba ngifana nawo wonke umuntu.”

Lwazi:”Ubhuti wakho wacishe wangidla mhla ngizolanda indodakazi yami uyakhumbula, nawe ngendlela okhuluma ngayo kuyazisho nje ukuthi ubaba wayengafuni ngawe. Bothumbu bayatotoswa emakhaya"

Angel:”Ukwazi njani lokho?”

Lwazi:”Ngikwazi ngoba nami ngiwuthumbu.”

Babukane ngapha uyashayela athuke sekukhala ihutha athuke ushayise isango lakhabo Angel. Makaphakamisa amehlo uAngel ubhuti wakhe uyabila sekahle uyokhipha lomlisa emotweni. Ehlike naye ngejubane kepha afike emva kwendaba sekazitholile izibhakela.

Uphume wonke umndeni kube ubabomkhulu wabo omubambayo uMongezi.

Mongezi:”Ndodana kahle ulaka bo uyaxolisa angithi uyamuzwa.”

Nathi:”Uphilile yini ekhanda noma ubhemile khona nje kungani uhamba nosesi wami wena ngizokubulala uyangizwa"

Abheke phansi uLwazi sekanamahloni uAngel bandla ngomnumzane wakhe.

Angel:”Bhuti"

Nathi:”Hhey ngena endlini.”

Aphunyuke kubabomkhulu wakhe uNathi abuyele kuLwazi asondele umawabo naye afike sekasitholile esinye isibhakela.

MaNkosi:”Nkos'nathi ungazongicasula la"

Nathi:”Mama ukube ungishayisile lana ushayela angabukanga.”

MaNkosi:”Akakushayisanga angithi manje ngena phakathi uMokoena usilindile"

Anxaphe asuke uNathi uAngel ubabukele emnyango makasondela ubhuti wakhe asuke ngokushesha. ULwazi asondele kumaNkosi ahlanganise izandla.

Lwazi:”Ngiyaxolisa ma kube yiphutha ngizolilungisa isango”

MaNkosi:”Asikho isidingo ndodana nawe mawushayela wobheka phambili.”

Lwazi :”Ngiyacela umama angivumela ngizolilungisa.”

Amoyizele umaNkosi ayithande lensizwa ayithandele indodakazi yakhe yodwana.

MaNkosi:”Kulungile ndodana kepha mawuza ngicela uze ngehora leshumi ingekho lengwenyama"

Amoyizele uLwazi abonge angene emotweni

MaNkosi:”Uboza nendodakazi yakho phela mawuzokhanda izosijuxuzisa.”

Lwazi:”Kulungile ma, ngiyaxolisa futhi.”

Ahlehlise imoto uLwazi azihleke la endleleni lento ayenzile….

***ISIQEPHU 18***

***KWANKOSI***

Sebahlezi bonke umndeni uphelele uCebile uzivalele egunjini lakhe

MaNkosi:"Amanda awulande uCebile ngale"

Asukume aqonde egunjini likaCebile

Smangela:"Angisiboni isidingo sokubiza uCebile yena uyibona ikahle lento kuthi alethe indoda egcekeni layise"

Deliwe:"Smangela awuthule"

Kungene uButana ugqoke uyaconsa konke kusha kuyabiza kuyazichaza nje, afike ahlale celeni kwamaNkosi. Kuqhamuke uCebile amehlo abomvu abekhala, angamubheki ubhuti wakhe.

Mmeli:"Ngiyathemba seniphelele."

MkhuluNkosi:"Siphelele."

UCebile ahlale celeni kwababomkhulu wabo uMongezi, umaNkosi uyababuka nomfowabo ukuthi ingabe ukhona omenza lomhlolo ebusuku na. Amehlo wakhe mawahlangana newaMongezi uyashalazela uMongezi kodwa akakaze amubuke vele uMongezi. Akhiphe amaphepha wakhe ummeli akhiphe nemvilophu enkulu abakhombise ukuthi isavaliwe. Ayinike uNathi ukuthi akayivule , makayindlulisa ngakumkhulu wabo uNkosi ayithathe yena ayivule babukane kepha bangaphawuli. Ayibuyisele emuva imvilophu ayithathe ummeli adonse ukukhohlela okungekho.

Adv.Mokoena:"*Gugulami masekufundwa lokhu kuzobe kusho kona ukuthi angisekho kulomhlaba. Ngiyabonga ngokungenza ngibe indoda ebengiyiyo ngisaphila.*

*Babomkhulu inkosikazi yami ngiyaphinda futhi inkosikazi yami angifuni muntu duze nayo ngaphandle kwabhuti wami uMongezi. Konke enginakho ngikwakhe naye nginemali engaka namuhla kungenxa yakhe. Angiyenzanga ngedwa lemali ngayenza naye kanye nokuzikhandla kuka bhuti uMongezi.*

Abheke phansi ubabomkhulu wakhona

Adv.Mokoena:"*Amashishini ami ngiwashiya ezandleni zikaNkosnathi, uSinalo uzoba no35% 5% uya kuCebile uNkosinathi u60% eNkosi logistic.*

*Emayini- UMongezi ubhuti wami omkhulu ongikhulisile makufika ubabomkhulu ezimpilweni zethu. Umama wahluleka ukusinakekela ngenxa yencindezi uMongezi wangiqhubekisa esikoleni ngenkani yena wayeka. Bhuti wami yekela utshwala*

*uNkosinathi uzokubambela amashezi akho uze ukhone ukuma ngezinyawo zakho bese uyawathola. Ngikunika u60% khona uNkosinathi u30% uSinalo noCebi 10%.*

*Emabhasini ngizonika usesi wami Deliwe kanye nomakoti wendodana yami Amanda u50% ngamunye. Nginendlu engasezitolo ingeyakho Deliwe.*

*Gugulami bengihlele ukuthi sizophuma siye eParis ngonyaka ozayo kunemali eseceleni u3 million. Ungowakho angifuni kukubona usebenza thatha imali yomyeni wakho uyidle. Ikhampani yenyama eyakho yonke awuyisheri namuntu. Umuzi nezimoto konke okukhona okwakho. Lefa ngilibhale ngalimukisa enkantolo mina qobo lwami ukuthi kungabi neyodwa inkantolo elishintshayo ngisho ummeli wami akanawo amandla okulishintsha. Gugulami mzukwana uzizwa ukuthi usulangazelela uthando futhi ubhuti Mongezi ngiyazi uzokunakekela nami ngizolala ngokuthula uma unaye.*

Bahhumuzele  ubabMongezi makathi uphakamisa amehlo abukane noButana osacasukile.

*Nkosinathi umlisa ozocela ukushada uCebile wenze isiqiniseko sokuthi uyindoda eqotho ingane yami ingamani ikhulele ekhaya kunokushada uhlanya. Butana noSmangela angisekho kulomhlaba ningahluphi umkami noma ningahlala ningasezi kulomuzi. Mama wami ongizalayo wamukelekile ekuhlaleni kulomuzi ubuye wenzelwe konke okudingayo uma nje ungeke uphathe kabi umkami.*

*Size sibonane futhi kwelizayo……”*

Kushube kube  kubi ebusweni babo ubabomkhulu wabo abheke inkosikazi yakhe kabi nayo ibone ize ishawa olukhulu uvalo. UButana abheke phansi abuye abukane benoSmangela. Asukume ummeli

Adv:”Sengiwenzile umsebenzi wami ngizonishiya ngokuthula nizwile ekugcineni lefa ngeke lishintshe noma abangajabulanga bangazama ukubophisana. Umufi uNkosi uvalile ngci ngisho nami anginawo amandla okwenza ubugebengu angisafuni muntu ehhovisi lami walomndeni njengoba bekwenzeka nje kuleviki. Uma umndeni usafuna ukuqhubeka ngami nizongithinta uma nifuna ummeli omusha futhi nakhona namukelekile ngoba mina ngizothatha umhlalaphansi kungekudala.”

Abaxhawule umkhulu angavumi angamubheki nhlobo abavumayo bamuxhawule azihambele. Kusale kuthulekile emva kwesikhashana

Babomkhulu:”Makoti umndeni ukutshelile okwesiko okumele kwenzeke. Lendaba yefa elifundwayo akusilo isiko. Mina njengenhloko yomndeni ngithi kuzokwenzeka obekwenzeka kwakudala kulomndeni. Makoti kumele uhambe uyobikela umndeni wakho sikunikile isikhathi esanele sokucabanga.”

Angaphenduli umaNkosi azithulele

Babomkhulu:”Makoti lendabba sizoyimukisa enkosini yesizwe.”

Nathi:”Mkhulu asihlali ebukhosini thina izindaba zalomndeni azikwazi ukwenqa wonke amazwe ziye le eNdabezitha.”

Butana::Habe ubaba uyakhuluma wena mfana unesibindi sokuphikisana naye indelelo yonke le.”

Mongezi:”Umfana uqinsile baba uMondli kudala asuka nomndeni wakhe le, wakha ngapha izingane zingakaveli kusekhona uNkosnathi kuphela.”

Butana:”Ukhulumani ke wena sdakwa ufuna kwenziweni?”

Mongezi:”Butana uyangeyisa angilingani nawe"

Butana:”Uzongenzani uyiso isidakwa manje uzozenza ncono ngalamasentshana akushiyele wona.”

Babomkhulu:”Yehlisa umoya ndodana kuningi okungenziwa kulungisa yonke lendideko. Mina mangifika eNdabezitha ngizoya enkosini ngiyibekele udaba. Kuhle ngoba nomndeni kamakoti wakhe khona ubaba wakho uyawazi umthetho namasiko"

Makaqeda abheke inkosikazi yakhe futhi kabi kanti umubhekile uNkosnathi.

Babomkhulu:”Asihambeni.”

Butana:”Baba mina?”

Babomkhulu:”Kukwakho la manje ndodana sala isonto seliphelile futhi uhambe uyolala egunjini nomakoti.”

Gogo:”Kahle bo baba akuk..”

Amungene emlonyeni ngeso elibi athule azibhekele phansi umamezala wamaNkosi, asukume ubabomkhulu.

Babomkhulu:”Asambe nkosikazi"

Nathi:”Mkhulu bengicela bandla ushiye ugogo athi ukusivakashela”

Babmkhulu:”Ufuna ukusala?”

Abheke inkosikazi yakhe

Gogo:”Ngingajabula baba futhi kade ngagcina ukuba nabazukulu bami.”

Angasho lutho ubabomkhulu akhweze amahlombe aqonde emnyango, masekaphuma aphinde abheke inkosikazi yakhe kabi futhi, namanje amubone uNathi. Asuke ugogo athathe isikhwama sakhe alandele.

Gogo:”Mzukulu ngizobuye nginivakashele”

Avule izandla zakhe uNathi ahage ugogo wakhe, makafika kuye amuhlebele.

Nathi:”Ingabe konke kukahle?”

Gogo:”Cha mzukulu ngiyasaba.”

Nathi:”Ungahambi.”

Gogo:”Umkhulu wakho uyingozi.”

Babomkhulu:”Kanti akuhanjwa na?”

Bayekane aphume ugogo uNathi angakhululeki nje ngogogo abalandele. Phela uNathi wakhuliswa nguyena ugogo ubabawakhe engakashadi, bayaxhumana bona ukudlula ezinye izizukulu. Ababuke bangena emotweni bahambe, uMongezi naye asukume athi uyahamba uButana uhlezi akabonisi ukuhamba.

Mongezi:”Senizosala kahle.”

Sinalo:”Baba omdala mana ngizokuhambisa.”

Mongezi:”Kahle ndodana ngizozihambela amatekisi asekhona.”

Nathi:”Nami ngifuna ukwazi la ohlala khona baba vuma sikuphelezele.”

Abheke phansi uMongezi agwajaze nje impela.

MaNkosi:”Babomkhulu izingane zami sezisele nawe ngicela uvume bandla babone la ekuhlala khona ubaba wabo omdala"

UMongezi ayibuke inkosikazi yomfowabo alahleke nje acabange nala ahlala khona abe nezinhloni.

Butana:”Gugu singakhuluma kancane"

Kuhluthuke umuntu abangamunakanga.

Sinalo:”Butana hlukana nomawethu.”

Bamumangalele

Butana:”Kahle ndodana musa ukukhuluma nami kanjalo.”

Sinalo:”Manje ngiphelelzela ubabomdala mangibuya ngingakufici la uzwile ifa lithini awufuneki la wena, letha bokhiye bemoto kamawami.”

Butana:”Ngeke ukubone lokho la kukwami umawenu ngizomungena nithanda ningathandi.”

Akhulume abafulathele uNathi azinikinele ikhanda

Nathi:”Ushayele kahle ungahambi ushayisa amasango abantu njengalesilima sensango nxxx.”

Sinalo:”Awusahambi nathi?”

Nathi:”Ngifuna ukubona uButana.”

Abemanqika uMongezi abambe ayeke naye uSinalo angazibeki phansi agcine sekavumile uMongezi. Ahage uCebile bese uyavalelisa ayongena emotweni kanye noSinalo.

Amanda:”Ubabomkhulu ngathi uzithandela wena kakhulu?”

MaNkosi:”Awazi kusukela ebuncaneni bakhe, ubhuti moso abevuka makakhala uCebile azomuthulisa. Ngelinye ilanga samufica amubelethile sahleka nobaba wenu.”

Nathi:”Ngikhumbula kahle.”

Deliwe:”Naye kodwa uCebile uyazwana nobabomkhulu wakhe, angazi nginezithombe eziwungakhi zabo bobabili.”

UCebile akayilalelanga yonke lento abayixoxayo ufisa ngabe unenombolo yomphathi wabo azomushayela ezwe ukuthi unjani. Unamahloni nje ngisho noNathi uyamubona kepha angaliboni iphutha lakhe yena uvikela udadewabo. Asuke ayongena egunjini lakhe azame ukulala, kwale ashayele uSbusiso.

Sbu:”Hellow"

Cebi:”Sbu yimina ngicela ungibhekele umnumzane ukuthi ukahle na”

Sbu:”Hayibo ngimubheke kanjani mina angikho ngihambe noSiyabonga sanishiya naye uyakhumbula"

Cebi:”Eish sengikhohliwe.”

Sbu:”Kungani ufuna kumubheka nj?”

Cebi:”Ngizokuxoxela masibonana bye.”

Sbu:”Kulungile.”

Bavalelisane…..

***ISIQEPHU 19***

Nhloso:”Wuuuuu mngani engaka imali uyithathaphi?”

Mihla:”Ungabuzi imibuza wena vesane udle imali.”

Nhloso:”Haaaaa vesane ngidle imali uqinsile girl.”

Mihla:”Mngani wathula kangaka?”

Sbo:”Ngicabanga ukuthi ngizothini kumama ngalezimpahla ongithengele zona"

Nhloso:”Ngizokucabangisa iqhinga ungakhathazeki"

Mihla:”Asambeni siyodla manje"

Bagqubane baye endaweni yokudlela bafike bafake oda lapho basalindile nje baqhubeke nokuzincokolela. Kukhale ucingo lwaMihla abonakale sekamoyizela yedwa.

Mihla:”Hi.”

Nsizwa:”Unjani muntu omuhle?”

Mihla:”Ngiyaphila.”

Nsizwa:”Ngingaphandle kini.”

Mihla:”Eish angikho ekhaya ngiphume nabangani.”

Nsizwa:”Nikuphi?”

Mihla:”Sisemall.”

Nsizwa:”Manje mina ngikukhumbulile nje.”

Mihla:”Ngicela ungiphe ihora nje masiqeda ukudla ngizokushayela.”

Nsizwa:”Nibangakhi?”

Mihla:”Sibathathu.”

Nsizwa:”Ngizoza nabangani ababili ngizokwazi kukutshontsha mina ngikukhumbule manje ngeke ngikhone kulinda ihora"

Mihla:”Inkinga ayikho sthandwa sami.”

Makavala ucingo sekajabule into engaziwa nje

Sbo:”Uhunky wakho lowo?”

Mihla:”Yebo mngani uyeza nje yazi amehlo akhe afana newakho kanye nokuma kwempumulo yakhe.”

Sbo:”Kahle bo mngani.”

Nhloso:”Hayi uyabonake amantombazane mawaphumile wodwa abafana abadingeki umtsheleleni ukuthi ukuphi?”

Mihla:”Angikwazi ukungamutsheli ngoba kwathina sila siyadla kungenxa yakhe.”

Nhloso:”Ohhhh akeze uhunky lowo simubone.”

Ukudla kwabo kufike badle bexoxa izindaba zobungani babo bahleke kuze kungene umlayezo ocingweni lwaMihla. Athalaze ngasemnyango asukume amubone uNsizwa babonane. Mabasondela amehlo akhe akuNsizwa umufunda ubudoda ayibo, nenhlonipho abantu abamunika yona. Bafike etafuleni labo

Nsizwa:”Bantu abahle ninjani?”

Nhloso:”Wulala sibona obani namuhla, mmm siyaphila.”

USbongile amangalele lokubila uNhloso ayiko noNsizwa amubuke bese ubuka uMihla.

Nsizwa:”Siya kwiclub ngale anifuni kusiphelezela.”

Nhloso:”Say no more mina ngiyaniphelezela"

Ukhuluma ubheke uNsizwa aze acishe neso uMihla no Sbongile babukane.

Nsizwa:”Lona uSkhumba lona uButana waziwa ngo Ngwazi.”

Nhloso:”Ingabe kusho ukuthi uyagwaza wena awuwudlalisi ummese?”

Butana:”Angigwazi ngommese kuphela"

Nhloso:”Mina ngazi ummese kuphela ogwazayo.”

Butana:”Ngigwaza amadoda ngommese bese abantu abahle njengani ngibagwaza ngokunye.”

Nhloso:”Ahm mmm sekuyashisa manje la.”

Bahleke uButana ahle ahlale celeni kwaNhloso uSkhumba ahlale celeni kwaSbongile baxoxe.

Nsizwa:”Seniqedile ukudla asambeni"

Bahambe mabafika ngaphandle  uButana uhamba ngemoto ayogibela noNhloso uSbongile noSkhumba bagibele emotweni kaNsizwa. Akasakhululekanga uSbongile nalento ayigqokile iyamuswabisa ngoba sekukhona abantu besilisa elokhu ehlisa leshort ngezandla kepha kuzifanele nje. Neso likaSkhumba limuthusa kakhulu ngoba ligijima kulamathanga akhe.

Imoto ime behlike kusasemini akugcwelanga kakhulu bangene, uSbongile azithalaze aze ashawe uvalo yena unomzimba ukundlula abangani bakhe laba leshort incane ize iveza isinqe kancane makaphakamisa amehlo abone lo Butana amubhekile khona ezinqeni. Bangakahlali naphansi kukhale ucingo lwaSkhumba aphume ayoluphendula abuye adonse uNsizwa bayokhuluma bodwa.

Skhumba:”Sengiyahamba ndoda.”

Nsizwa:”Sifika nje ushiya lesinqe usibonile sinjani kwanami siyangixaka ngiyasihalela siqondene nawe.”

Skhumba:”Uyangazi akukho sinqe esibaluleke ukundlula ivrou yami, ingibizile ngiya endlini manje.”

Nsizwa:”Wena ukudlisile uThando ayikho le.”

Skhumba:”Okusalayo ngiyavaya''

Nsizwa:”Manje ngeke ube nenkinga mangingadla lesinqe?”

Skhumba:”Ubani uSbongile?”

Nsizwa:”Sho''

Skhumba:”USbongile umngani walekhwapha lakho nje?”

Nsizwa:”Kwake kwangivimba lokho na, phela ngilimele futhi nguyena ongilimazayo ume kahle lomuntu''

Skhumba:”Ayyyy anginandaba mina sho ndoda.”

Azihambele uSkhumba abuyele etafuleni labo uNsizwa.

Butanna:”Manje?”

Nsizwa:”Sekavayile uyamazi nawe.”

Butana:”Ehhhh mina senginifakele oda.”

Nsizwa:”My usual?”

Butana:”Sho.”

Nsizwa:”Sbongile sondela uzohlala nathi uphathina wakho sekahambile.”

Angabi nayo inkinga ngoba uNsizwa uyamuthemba sebake bahlangana, ahlale bafake uNsizwa phakathi kepha ilihlo laloButana hhayi akasalithandi manje. Lifike oda labo uphuzo odakayo baphuze uSbongile angaliphuzi nakancane.

Mihla:”Mngani awukuthandi?”

Sbo:”Mina sengicabanga ukuhamba manje kuyahwalala.”

Nsizwa:”Akukashayi no6 mana kancane, noma usubhorekile ngoba uSkhumba ehambile?”

Sbo:”Angimazi nokumazi anginandaba naye.”

Butana:”Ithi ngikukhulule asambe siyodansa.”

Sbo:”Cha ngiyabonga.”

Nhloso:”Asambe siyodansa sonkeke.”

Sbo:”Cha hambani mngani.”

Basukume bayodansa umangalela uNhloso ukuthi sekaqabulana nalomuntu aqala kumubona. Uyamuyeka umubamba nezinqe okwaMihla kuyezwakala vele isoka lakhe. Ngesikade asukume kanti sebayabuya kuzohlala phansi.

Nsizwa:”Hawu uyaphi manje?”

Sbo:”Endlini encane"

Nsizwa:”Weeee ngeke uphume lapho kuhlala kunomugqa nje buya ngizokucelela ehhovisi lomphathi walendawo”

Nhloso:”Nami ngiphathekile"

Nsizwa:”Uzolandela angifuni athi ngiyamuphaphela.”

Bahambe ihhovisi liphezulu kunezitebhisi

Nsizwa:”Ladies first.”

Akhuphuke uSbongile azidelise ngokumubuka uNsizwa la ngemuva, amuqale embaleni ngendlela akheke ngayo nje imugijimisa ngegazi. Akhuphuke naye azizwe alimala kakhulu makafika okhalweni, luncane kanti izinqe zile. Akemanga njengomkakhe noma uMihla noma amanye amantombazane ake waba nawo. Aze azibuze ukuthi abengamunakanga ngani uSbongile. Bakokode mabafika emnyango.

“Ngena.”

Bangene kunowesilisa phakathi asukume abahlangabeze baxhawulane, makabheka uSbongile.

Nsizwa:”Sicela ukhiye Tony.”

Tony:”Ahhbh wena nale mix vege yakho ngeke ushintshe.”

Nsizwa:”Please man.”

Tony:”I understand I totally understand.”

Aye etafuleni amunike bangene komunye umnyango kunephaseji amubambe ngesandla aqale axwaye uSbongile.

Nsizwa:”Cha khululeka ngikubambela ukuthi ungasheleli uzaze uwe.”

Akhululeke bahambe afike avule komunye umnyango makangena uSbongile amangale kuligumbi nje kunombhede. Abheke uNsizwa amukhombise omunye umnyango

Nsizwa:”Ngizokulinda la nayi indlu encane.”

Ahambe makabheka emuva abone azichofozela ucingo lwakhe angabi nenkinga aqhubeke azikhulule ageze izandla aphume. Masekumele avule umnyango uNsizwa amubambe okhalweni amuyamelise kubonda naye amusondele. Athuke uSbongile nali isoka lomngani wakhe limuhlolela.

Nsizwa:”Sbongile uyababa ,ume kahle ngiyakufisa ngiyazi nawe uyangifuna akukho ntombazane engangifisi izwa la"

Amugxavule isandla sakhe amubambise isitho sakhe sekehla izinyembezi uSbongile amuqabule uNsizwa ngenkani esinye isandla sesimubambe isinqe ngathi uyamuncweba.

Mihla:”Baby ningakuphi?”

Nsizwa:”Shit leslima lesi nxxx.”

Amuyeke ashiye uSbongile lapho ayongena endlini encane ngoba uyabonakala ukuthi imizwa idlala ngaye. Avule umnyango uSbongile aziphose kuMihla amangale naye umngani wkahe masekaqhaqhazela kanje.

Mihla:”Mngani kwenzenjani uphi uNsizwa?”

Avele uNsizwa ngathi akukho ake wakwenza

Mihla:”Mngani isoka lakho alikho kahle ngicela uliyeke ungakaphatheki kabi ucishe wangidlwengula"

Athuke uMihla abheke uNsizwa

Nsizwa:”Ayyyy voetsek wena sfebe ubuzilahlela kimi ngala ngakutshela ukuthi ngithandana nomngani wakho mawuqeda uyazikhalisa. Tsek wena maaan.”

Mihla:”Mngani ungayenza njani into enje?”

Sbo:”Kudala ungazi mngani ucabanga ukuthi ngingakwenza njalo mina?”

Mihla:”Uke washo vele ukuthi uyangihalela okusho ukuthi kube isoka lami liyathatheka ubuzolala nalo vele, uyinja ngempela yazi.”

Abashiye lapho uSbongile aqhamuke sekehla izitebhisi egijima afike athathe isikhwama sakhe bamubuke uNhloso noButana.

Nhloso:”Kwenzenjani manje?”

Sbo:”Ngiya ekhaya.”

Butana:”Uzohamba ngani ngoba lendawo ayinawo amatekisi?”

Sbo:”Ngizofonela ì uber”

Aphume ngokushesha

Butana:”Hamba uyobheka boNsizwa sthandwa sami”

Ahambe ngoba naye umangele makangena nje kulomnyamgo asukume ngokushesha uButana aphume naye. Amuthalaze angamuboni aze agibele emotweni phela sekuqala ukuba mnyama manje ziyela ku7 wantambama. Amubone esakhipha imoto esangweni uyagijima uSbongile sekaphethe nalamaqhumela ngezandla. Amulandele

Butana:”Sisi ngena.”

Sbo:”Angibuyeli emuva ngiya ekhaya.”

Butana"Ngizokumukisa ekhaya akuphephanga kulendawo uyabona nawe kuthulekile"

Makasho njalo vele kuqhamuke abafana abahamba bayinqumbu nje agibele ngemuva ayisuse uButana. Amulayele kuthi uhlala kuphi nendawo, ahambe isikhashanyana akhiphe imoto emgwaqeni amubuke uSbongile afake imoto komunye umgwaqo oya esigangeni futhi nemoto ayihambi kahle ngoba kunamatshe. Azame kuvula umnyango ukhiyiwe.

Butana:”Awukwazi ukuhamba singazijabulisanga ngikubonile ungibuka.”

Akhale uSbongile kanti labantu besilisa banjani…..

***ISIQEPHU 20***

USinalo inhliziyo yakhe ibe buhlungu makabona la kuhlala khona ubabomkhulu wabo. Phela ubabomkhulu wabo uzilungele futhi mabezwa ukuthi yena wayeka ukuphila impilo yakhe wanakekela ubaba wabo ongasekho kanye no anti wabo uDeliwe.

Sinalo:"Baba uhlala la?"

Ashalazele uMongezi avule umnyango kuhlanzekile phakathi kepha umkhukhu impahla ephakathi ayijabulisi nayo. Imvula ngoba beyina ubekile amabhakede kuthi ingangeni imvula.

Sinalo:"Baba"

Mongezi:"Kahle ndodana."

Sinalo:"Ubaba bekangazi ukuthi uhlala la?"

Mongezi:"Sahlupheka kakhulu ndodana umama makangenwa ubabomkhulu wethu, bengingafuni ubabenu angithwale bengifuna ajabulele impilo yakhe nomndeni wakhe kamnandi."

Sinalo:"Baba nawe ungumndeni wakhe, awazi ukuthi ubaba abekukhonze njani ahlala akhuluma ngawe, abengakusiza kahle nje"

Mongezi:"Ngiyazi ndodana kepha mina bengingafuni azifakele incindezi ngoba nakhu ngamufundisa. Bengingafuni angikhokhele ndodana mina ngenza lokhu okwakumele ngikwenze njengobhuti wabo."

Ayengezele izinyembezi uSinalo

Sinalo:"Yingakho uphuza kangaka nje"

Athule ubabomkhulu angaphenduli, angene nasegunjini lakhe abone ukuthi ubabomkhulu wabo abemuthanda ubaba wabo, nakhu ubeke nezithombe zabo emasenkeni. Izithombe zabo bebancane esinye nguye ubaba wabo kanye nomawabo ekhulelwe.

Sinalo:"Ngeke ngikushiye la baba"

Mongezi:"Cha ndodana hamba."

Sinalo:"Cha."

Mongezi:"Asithi ngiphe ithuba lokuqoqa izinto zami ezibalulekile ngizokushayela ezinsukwini kuthi ungilande kepha ngeke ngihlale endlini nani."

Sinalo:”Babomdala ngikunika izinsuku ezimbili kuthi uqoqe okubalulekile kwakho kahle, ngiyabuya futhi ngicela ungaphuzi.”

Mongezi:”Kulungile ndodana.”

Amuxhawule akhiphe imali uSinalo athi uyamunika.

Mongezi:”Cha ndodana ngeke ngiyithathe.”

Ayibeke phezu kwetafula lemali

Sinalo:”Angiboni kuthi kunokudla la, hamba uyothenga ukudla.”

Mongezi:”Ngiyabonga ndodana uhambe kahle.”

Baxhawulane aphume uSinalo inhliziyo yakhe ibuhlungu ngobabomdala wakhe. Akakhoni ukuzwisisa kuthi angaziphilisa kabuhlungu ngalohlobo ekubeni umfowabo enemali. Futhi wayebanakekela nabo basakhula uma abazali babo bengekho angene emotweni ayisuse. Uhamba uyacabanga la endleni sekumnyama manje enye inhliziyo ithi akajike enye yale. Asuke akhiphe imoto emgwaqeni kuthi ajike nakhu amehlo agcwala izinyembezi akasayiboni nakahle indlela. Aqale azilinde kuthi kuphele lezinyembezi, masekathi udumisa imoto.

Abone imoto kababa wakhe le ethathwe ubabomncane wakhe ngenkanj, amangale iyongena emahlakahlakeni uyazi futhi ukuthi akunamgwaqo lapho. Ayilandele eyakhe ayishiye lapho emgwaqeni angene kulesiganga ngezinyawo. Ime imoto aphume uButana ayongena ngemuva ezwe nokukhala kowesifazane acasuke asondele ngejubane izinyawo zakhe zilengela ngaphandle amudonse ngazo. Makawela phansi amunyathele esithweni aphinde amusukumise ngezimpahla amushaye ngesibhakela.

Butana:”Ahhhh yewena mfana ngizokubulala nawe uyangizwa"

Amushaye aphindelele uButana uphele amandla makamushaya esithwnei sakhe esivukile. Intombazane ayibheke akayazi kodwa indlela egqoke ngayo iyazisho ukuthi isenqa mgwaqo lesi anxaphe.

Sinalo:”Uzoze udlwengulwe nje ngenxa yokuthanda izinto?”

Sbo:”Bhuti akunjalo bnegihamba nabangani kwase.”

Ahluleke kuqhubeka nendaba akhale uSinalo afulathele

Sinalo:”Asambe"

Sbo:”Ufile lomuntu uzoboshwa.”

Sinalo:”Akafanga.”

Bahambe bamushiye aquma lapho amuvulele emotweni ngaphambili angene

Sinalo:”Kukuphi kini?”

Amulayele uSinalo anikine ikhanda uSbongile akaqedi ukukhala naye, bafike kubo amise imoto ngaphandle kwesango elikhiyiwe. Akhale  kakhulu makafica likhiyiwe isango uyazi umawakhe ngeke amuvulele. USinalo ashaye iketanga kuthi likhale

Sbo:”Mama ngicela ungivulele"

Usho uyamemeza uSinalo akhiphe ucingo lwakhe kuthi amushayele alubambe.

Sbo:”Mama ngicela ungivulele"

MaSbo:”Hhey ngikutshelile mawuhamba la ukuthi ubuye nini uyazi isango liyakhiwa ngo6, buyela la obuya khonake ngeke ngivukele wena mina. Unesibindi uzomisa imoto la kwami. Maningasuki lapho nalomdodovu wekhehla lakho ngizobiza amaphoyisa kgaaa.”

Aluvale akhale kakhulu uSbongile aphinde ashayele umawakhe angasabambi uSinalo angasazi ukuthi enzenjani. Athuke makabona amaphoyisa eqhamuka le phezulu

Sinalo:”Asambe ntombazane umawakho uzowehlisa umoya.”

Sbo:”Cha ngizolinda khona la uzongivulela.”

Sinalo:”Ayyy salake mina angifune kuboshwa nawa amaphoyisa, ungakhali ngami masewudlwengulwa futhi"

Angene emotweni uSinalo asale acabanga uSbongile kuthi kuqale isoka lomngani wakhe kwalandela lo. Yenake ucishe waphumelela ukube akaqhamukanga lomlisa akazi nje. Asukume agijimise imoto ayimise uSinalo agibele ayisuse baphambane namaphoyisa angabanaki nje. Ashayele makafika kubo amangale uSbongile umuzi omuhle kangaka, uSinalo uyacabanga ukuthi uzothi ubani lo uhamba nanqunu nje.

Sinalo:”Asingene.”

Behlike akhumule ijezi lakhe amunike kuthi agqoke kufane nje ngoba ngathi ugqoke lona lodwa. Avule umnyango umndeni wonke uhlezi ubukele umabonakude no anti wabo akahambanga uDeliwe. Bayibuke lentombazane egqoke ijezi lodwa ihamba ngezinyawo izinwele zibheke phezulu. Asukume umawakhe ashintshe nje athuke naye

MaNkosi:”Yini le?”

Sinalo:”Mama"

MaNkosi:”Hhey ungangibizi ungibona yini le?”

Sinalo:”Ahm ngimusize uButana afuna kumdlwengula ngale esigangeni ngasemakuleni, mina ngibone imoto ngase ngiyalandela"

MaNkosi:”Ntombazane uzoze ucishe kudlwengulwa nje awuziboni ukuthi umncane ubulingene ngani ikhehla?”

Abheke phansi uSbongile

MaNkosi ”Manje kungani uze naye la?”

Sinalo:”Sifike kubo umawakhe amukhiyele, mama angikweyisi kepha ngicela umulalise namuhla kuphela kusasa uzovuka aye kubo.”

Ayibheke lentombazane umaNkosi iyaqhaqhazela futhi

MaNkosi:”Ngane yomuntu mawuxoshwa umawakho okuzalayo mina ngiwubani uyabonakala indlela ogqoke ngayo ukuthi uyamuhlupha umawakho, Sinalo hhayi la kwami.”

Kuphume uAmanda emagunjini amangale naye makabona umngani wasesi wakhe omncane. Naye uSbongile makabona uAmanda ayoziphosa kuye amubambe uAmanda akhale kakhulu. Babukele nje uNathi noDeliwe ,akhale aze abe nesibibithwane.

USinalo amutshele okwenzekile

Amanda:”Mama ngiyamazi uSbongile ungumngani kaMihla nami ngimangele lokugqoka kwakhe kepha akasiyo ingane esabalele, ngiyamucelela ma.”

MaNkosi:”Ngiyathemba angizifaki enkingeni Amanda"

Amanda:”Cha ma, ngizomuhambisa kusasa ngoba ngizoya ekhaya vele"

MaNkosi:”Kulungile kusasa uyahamba la kwami uyangizwa''

Sbo:”Eya ma ngiyabonga.”

Amanda:”Unesiqiniseko akakuthintanga?”

Sbo:”Eya usheshe wafika ubhuti"

Amanda:”Ngimulalise kuliphi igumbi ma?”

MaNkosi:”Kulegumbi elingasestudy.”

Ahambe naye umaNkosi asale ebheka indodana yakhe.

Sinalo:”Mama ngiyathembisa angiyazi lengane mina ngibone imoto kababa ingena esigangeni ngayilandela.”

MaNkosi:”Ngiyakukholwa mfanami.”

Sinalo:”Kukhona okunye ma okungiphethe kabi.”

Asondele ahlale phansi celeni kwabhuti wakhe, abaxoxele ngesimo sababomkhulu wabo.

Nathi:”Ngasho kodwa ukuthi kukhona okushaya amanzi ngobabomkhulu, kuthi sikhule sibe ngaka singakaze sibone la ahlala khona:

MaNkosi:”Ngaze ngezwa ubuhlungu, phela ubhuti uyafana nobaba wenu kudala enathi kanjani lena singayinaki''

Nathi:”Mama singamulanda?”

Deliwe :”Impela sisi ngamane ngimthathe ubhuti ngiyohlala naye hawu abantu bayasibuka nje''

MaNkosi:”Akabuye ekhaya ubhuti uzohlala kulendlu engaphandle aze azimele.”

Nathi:”UButana kumele ahambeke.”

MaNkosi:”Hhayi loyo ngizomukhipha ngamaphoyisa nje ikakhulukazi emva kwalokhu acishe wakwenza ngihlulekile.”

Deliwe:”Uphi uCebile?”

Nathi:”Ungithukuthelele akafuni kuhlala nami uzivalele egunjini lakhe.”

Bahleke

Deliwe:”Awuuuu kodwa nawe Nkosnathi"

Nathi:”Ukahle lomuntu nina manimubhekile uqale wamugadisa ingane yakhe, manje uzoshayisa isango likababa ngisazomnyathela''

MaNkosi:”Thambisa isandla nawe uCebile ukhulile manje futhi uhloniphile''

Nathi:”Ngiyakwazi lokho ma ngizwa ngiyamusabela abafana basile angazi ngingamufihla kuphi.”

MaNkosi:”Muyekeni azenzele amaphutha akhe azofunda kuwo"

Deliwe:”Nawe unoAmanda wakho noSnalo umatasa naye buka usizele nohamba nqunu manje''

Sinalo:”Angimazi lomntwana anti"

Baqhubeke ngokuzixoxela kepha bonke bakhathazeke ngesimo sikabhuti omdala….

***<u>EGUNJINI</u>***

Amanda:”Gqoka nakhu okokulala uvale la emnyango.”

Sbo:”Sis Amanda ngicela umuchazele umama okwenzekile ngiyazi usazongishaya nakusasa.”

Amanda:”Akube isifundo sakho lesi ungaphinde uhambe ugqoke kanje emgwaqeni, uyacabanga ukuthi kube noSnalo usangene ngabe uzenzele ngawe.”

Sbo:”Ngiyazi sisi futhi nje ngeke ngiphinde ngiqambele umama amanga uhlala angibonisa kepha namuhla ngihambe ngaya ematshwaleni. “

Amanda:”Lala sisi uzoba kahle ekuseni.”

Sbo:”Ngiyabonga.”

Amanda:”Sizohamba ekuseni masebahambe bonke uyezwa.”

Avume angene engubeni uAmanda acishe ugesi aphume….

UGugu ahlale angalali alinde umyeni wakhe namuhla angafiki, kubenzima nokuthi alale alokhu ephenduka kaningi kufane nje. Kuthi noma sekabanjwa isithongwane aphaphame ezwe ngathi ukhona la.

Gugu:”Namuhla awuzi myeni wam?”

Kungabi nampendulo agcine sekalele…..

***ISIQEPHU 21***

***CEBILE***

Ekuseni avuke ngokushesha kungakashayi isikhathi sokuthi avuke azilungise, ngendlela inhliziyo yakhe ibuhlungu ngakhona akabambanga nocingo lwakhe makashayelwa umngani wakhe uLwazi. Ukhathazeke kakhulu ngomnumzane futhi unamahloni. Alungise konke bese uthatha okokugcobisa amanxeba, kanye namabhandishi akufake esikhwameni sakhe. Uyakhumbula ubaba wakhe la amulayele khona aphume benganakile bonke.

Ahambe ayogibela itekisi ehle la uKhoza athe ehle khona makahamba ngetekisi. Akubone konke la emgwaqeni lokhu abemubekisela ngakho aze afike khona, nayi ijeep egcekeni athuke kancane. Kukhale ucingo lwakhe umawakhe.

Cebile:”Ma.”

MaNkosi:”Savuka ungekho sisi?”

Cebile:”Ngingena early namuhla ma.”

MaNkosi:”Angizwani namanga uyakwazi angithi lokho kukhona umsebenzi ongena ngo6, ukuphi?”

Aswabe uCebile afise nokujika makabheka isikhathi khani kuyoshaya u6.

Cebile:”Ngiyaxolisa ma ukuthi ngikhathazekile nomnumzane manje ngithathe izinto zokumugcoba ngaya kubo.”

MaNkosi:”Ungasuke uhambe nje mangabe unenkosikazi yakhe uzothini Cebile.”

Cebi:”Mama angizanga kuzothandana naye mina ngifuna ukuxolisa nje ngalento eyenziwe ubhuti bese ngiya emsebenzini.”

Adonse umoya umawakhe abone nje ukuthi indodakazi yakhe seyingenile kulohibe lothando noma angafuni ukusho.

MaNkosi:”Kulungile uzigade lapho''

Adonse umoya futhi avule isango elincane kunamasango amabili, angakafiki nasemnyango ahlangane nowesifazane. Abheke phansi amubuke lowo.

Cebi:”Sawubona"

Danisile:”Unjani sesi?”

Cebi:”Ngiyaphila"

Kuthuleke akalazi igama lomnumzane wakhe

Cebi:”Angazi noma ngisendaweni ekahle na kunobhuti osebenza ukwakha izolo uye wa.”

Angakaqedi kuqhamuke ubaba Danisile naye amangale abuke nesikhathi

Khoza:”Angel"

Axole nangu umuntu omaziyo

Angel:”Sawubona baba.”

Angene endlini uDansile ayokwazisa umawakhe kuthi nayi intombazane ixoxa nobaba wayo.

Khoza:”Ubekwa yini ekuseni kangaka?”

Abe namahloni

Cebi:”Angazi ngiqale ngakuphi baba ukuthi izolo umnumzane uye walimala manje benguzomubheka.”

Amoyizele umuntu omdala

Khoza:”Ungowakabani ngane yami?”

Angel:”NgingowakaNkosi.”

Khoza:”Ulinyazwe yini ngempela lomnumzane wakho ngoba kithi uthe uwile kepha kuyabonakala ukuthi unamanga.”

Ashalazele ngoba asaba ukusho ukuthi ushawe ubhuti wakhe.

Khoza:”Nali igumbi lakhe ngane yami.”

Amukhombe umnyango khona la ngaphandle asondele khona makaqeda ukubonga, afike akokode kabili. Uyezwa ukuthi lomuntu ophakathi kukhona amatasa ngakho ngoba uzwa izinyawo. UmaKhoza aphume aye kumyeni wakhe amufice emoyizela yedwa abheke ngasegunjini laLwazi naye abheke abuye asithele ngokushesha.

MaKhoza:”Kahle bo baba unani ungazobukela imihlolo yengane suka lapho.”

Kuvuleke umnyango athuke uCebile ngathi akakokodanga, amangale umnumzane abuye aswace.

Lwazi:”Angel"

Angel:”Ngiyaxolisa mnumzane kuvele ngitheleke ngingashongo, ukuthi inombolo yakho anginayo kanti bengifuna kukuhlola  kuthi awulimalanga na.”

Lwazi:”Ubuzongibona emsebenzini nje"

Aswabe kakhulu uAngel naye abone ukuthi lento ayikhulumile ayihlali kahle, azikhohlelise.

Lwazi:”Ngena"

Angel:”Uya emsebenzini vele unje?”

Lwazi:”Nginjani?”

Angel:”Ulimele.”

Lwazi:”Ungahlala phansi"

Athalaze akukho la angahlala khona eme.”

Lwazi:”Hlala la embhedeni mina ngizoma, nakhu ngikahle.”

Angel:”Ngiyaxolisa futhi ngesenzo sikabhuti"

Lwazi:”Ungakhathazeki ngizoba kahle"

Angel:”Kukhona okugcobisile?”

Lwazi:”Ahhhh umuntu kudala ahazuka ubuso kubuye kuzipholele ngizobakahle infact ngikahle.”

Angel:”Ngicela ukubona"

Ahlale phansi uLwazi asukume ngokushesha uCebile agobe amubuke la ashayeke khona, umlomo udabukile kancane eceleni iso linesibazi ngaphansi kwalo. Amuthinte kancane.

Angel:”Kubuhlungu?”

Lwazi:”Kancane.”

Akhiphe into yokugcoba yakhe bese uhlala celeni kwakhe amusule kancane bese uyamugcobisa. Konke lokhu ukwenza ngesineke uLwazi yena sekasezingqondweni zakhe. Afise kumuqabula amubuke lezindebe uAngel ugobe eyodwa ngathi uyayiluma. Amubukele eduzane iskhumba sakhe sibushelelezi ufisa nokusithinta, ukuphefumula akusekho kahle manje kuLwazi. Imizwa imuphathe azame ukulwa nayo agcine sekamubamba lesandla esimugcobisayo asisuse kuye.

Angel:”Phephisa ngikugcobise kakhulu?”

Lwazi:”Cha akukho buhlungu Angel asambe.”

Angel:”Ungithukuthelele mnumzane?”

Lwazi:”Cha kepha angiyithandanga le yokusuka kini ekuseni kangaka, kude kanje futhi, uze ngani?”

Angel:”Ngetekisi.”

Anikine ikhanda uLwazi babukane futhi manje akamugcobi babukene emehlweni, uLwazi ngathi uyamufunda. Agcine sekashalazela uCebile abheke eceleni.

Lwazi:”Aweneme?”

Angel:”Ngikahle.”

Lwazi:”Amehlo akho uyazi axoxa indaba udumele nje.”

Angel:”Izolo bekufundiwa ifa likababa konke kube kahle kepha kumosheke umkhulu sekamemezela ukuthi ufuna umama angenwe ubabomncane. Lobabomncane umuntu ongenandaba nempilo uthanda amantombazane. Umama wami angifuni ngaye mnumzane manje ngiyacabanga nje ukuthi mabangaqinisa ngalento uzophila mpilo bani umawami"

Lwazi:”Phephisa Angel umawakho ubukeka kungumuntu ohlakaniphile futhi oyilwelayo into yakhe. Asethembe uzobahlula kulento abayishoyo"

Angel:”Ngiyaxolisa kuza ekhaya lakho ngiyazi akubukeki kahle wena ungumnumzane wami.”

Makezwa ukuthi uyahluleka ngempela uLwazi asukume

Lwazi:”Ngisaya endlini encane mangibuya sizohamba.”

Angel:”Nami ngifuna kugeza izandla.”

Lwazi:”Ungangena kuqala.”

Amukhombise indlu encane ageze izandla bese ukhipha okokugcoba izandla azigcobise. Makasabheke phansi anake izandla zakhe asondele kuye uLwazi abe duzane kakhulu aze awise isikhwama sakhe..

Angel:”Mnumzane.”

Lwazi:”Angel eish”

Angel:”Ahm ungaya endlini encane bese siyahamba"

Lwazi:”Endlini encane iya"

Afake izandla emakhikhini ukuzama kufihla lehlazo elimubambile lemizwa, aye endlini encane abuye.

Lwazi:”Ngiyabonga nkosazana.”

Angel:”Nkosazana?”

Lwazi:”Yebo nkosazana awuthandi ngikubize kanjalo?”

Angel:”Indaba ukuthi isoka lami lingibiza kanjalo malingibingelela noma livalelisa.”

Lwazi:"Linenhlanhla isoka lakho ngokuba nawe empilweni yakhe, ngempela unenhliziyo enhle, umnene ngiyazwisisa kungani ubhuti wakho angafuni ngawe nami bengizokwenza njalo."

Babukane futhi uAngel uyazizwa ukuthi uyadonseka kulomnumzane futhi uyazi ukuthi kuwrong. Ahluleke uLwazi amubambe amusondeze kuye angabuzi futhi ahlohle izindebe zakhe kuAngel. Aqale athuke naye kepha amuqabule bemile lapho. Baqabulane eside isikhathi uAngel amuyeke asuke ngokushesha kuye amufulathele

Lwazi:"Ngiyaxolisa Angel kumele uzwisise ngiyaxolisa ngizokushintsha masifika kuthi uyosebenza noSiyabonga mina ngizoba noSbusiso."

Angel:"Cha  nami bekumele ngikukhuze."

Abuyele futhi uLwazi azidelise ngezindebe zikaAngel, uAngel makakhumbula lento eyashiwo uSizakele kuthi bayathandana asuke ngokushesha.

Lwazi:"Ngiyaxolisa."

Angel:"Asambe manje."

Balandelane avule umnyango kuphume uAngel kuqala alandele uLwazi akhiye umnyango wakhe.

Lwazi:"Ubusudlile mawusuka ekhaya?"

Angel:'Eya ngidlile, ngizizwa ngilula ngiyaxolisa ngempela angijwayele ukwenza yonke lento engiyenzile."

Bahambe bayongena emotweni ayisuse angalindi nokuthi baye endlini, kwala endleleni bayantshontshana. Aze akhiphe imoto emgwaqeni uLwazi aphenduke amubheke.

Lwazi:"Angazi ukuthi sesizosebenza kanjani manje."

Angel:"Usho ukuthini?"

Lwazi:"Lento eyenzekile bekungamele siyivumele."

Angel:"Kunjalo."

Lwazi:"Uyalithanda isoka lakho?"

Angel:"Angazi ngikuchazele njani isimo sami naye singibangisa amahloni."

Lwazi:"Isikhathi sisekhona ngibekele."

Angel:"Ngicela kungakutsheli."

Lwazi:"Kulungile, mangabe uyabhayiza mina ngizokuthatha."

Angel:"Umuntu uyathathwa na?"

Lwazi:”Angel selokhu wafika la kunezinto ezenzekayo kimi ngilokhu  ngizikhuza ngoba angifuni into yokushelana nokuthandana emsebenzini. Ngihlezi ngikuthalaza kuthi ngikubuke nje. Manje ngoba sekwenzeke lokhu sengiphithene ikhanda kakhulu"

Angel:”Ikhanda akumele likuphithe umuntu uma umuthanda uvele umuthande"

Lwazi:”Uqinsile kunjalo.”

Angel:”Asambe mnumzane ngishawa uvalo selokhu kwenzeke lento"

Lwazi:”Unalo ngempela isoka?”

Angel:”Mnumzane asiyiyeke lento ngoba nawe unayo intombi futhi sisebenza nayo, lento eyenzekile ngizoyisula emqondweni wami.”

Lwazi:”Anginayo intombi mina emsebenzini uma kungenzeka ngithandwe nguwena uzobe ungowokuqala"

Angel:”Usis Siza wathi niyathandana.”

Anikine ikhanda uLwazi abuke uAngel emehlweni amubambe esihlathini.

Lwazi:”Anginayo intombi ngisesimeni nje esingachazeki nomunye owesifazanne.”

Angel:”Ngathi kumele uzihlole okufunayo mnumzane mina angisuye umuntu wokudlalwa. Ngiyazi imizwa yenkanuko inokuphithanisa ikhanda, manje awazi noma uyangithanda noma kanjani. Hamba uyozihlola kuthi uAngel noma lentombazane othi usesimeni esingachazeki nayo.”

Lwazi:”Yoooo Angel uyayazi into oyifunayo ukhuluma uqonde"

Angel:”Angifuni kudlalwa mina.”

Lwazi:”Mangibuya ngithi ngithanda wena ingabe uzongipha ithuba?”

Angel:”Mnumzane wena zibheke ufunani kuqala”

Lwazi:”Angel"

Angel:”Sebazoqala kufika abasebenzi"

Lwazi:”Ngicela kukuqabula futhi kancane"

Amoyizele uAngel abheke eceleni alule isandla uLwazi amuqabule, amuyeke bahlale adonse umoya abuye asuse imoto. Bafike emsebenzini behlike

Lwazi:”Ngathi kuzoba nzima nje ngoba sizosebenza ndawonye"

Angel:”Kahle mnumzane.”

Kungene uMlambo nogandaganda alandelwa omunye baxhawulane bese uyabakhomba kuthi babhidlize ziphi izindlu. Bona bamele kude le babukele nomsindo mukhulu kufike noSizakele abingelele.

Lwazi:"Unjani Sizakele?"

Siza:"Ngiyaphila mnumzane."

Lwazi:"Abasebenzi bangale okwamanje uyazi angithi, nomsebenzi wakho ungalapho ngoba usebenza ngabo."

Siza:"Hawu mnumzane ingani lentombazane inawe la?"

UAngel enze ngathi akezwa lutho nawu nogandaganda unomsindo.

Lwazi:"Sizakele yazi mina sengizokhathala manje uzohlala la wenzeni? Lo ungumdwebi vele uyafuneka. Mangabe awusakujabuleli ukusebenza la ungakhululeka."

Siza:"Mnumzane ekuqale."

Lwazi:"Nangu uSiyabonga angena uhambe mawuncena kuhamba ngezinyawo….

***ISIQEPHU 22***

***MIHLA***

Emva kokunyamalala kwaButana usale yedwa etafuleni uNhloso ngoba uMihla noNsizwa basale bethokozisa imizwa yabo kulegumbi abashiye kulo uSbongile. Mabaqeda babuyele emuva uNhloso bamufice ezidansela ngoba akusuye umuntu onamahloni.

Mihla:"Sekumele ngihambe manje sthandwa sami."

Nsizwa:"Hawu ngobani khani kuba munandi."

Mihla:"Ubaba uthe ngibuye angifuni ukumphoxa."

Nsizwa:"Mina ngisafuna kuzidelisa ngawe nje."

Mihla:"Sizobonana kusasa futhi ungakhathazeki."

Nsizwa:"Biza umngani wakhoke ngoba angazi uButana unyamalele kuphi angimuboni"

Azizele uNhloso

Nhloso:"Zithandani sengisele ngedwa unyamalele uButana."

Nsizwa:"Hawu angasashongo ukuthi uyahamba, anyway asambeni."

Nhloso:"Siyaphi ngoba khani kuba mnandi."

Mihla:"Angifuni kufika ebusuku ekhaya namanje sengihle ngishawe iskhathi engibekelwe sona."

Nhloso:"Ayyyy hambani mina ngizozibuyela."

Nsizwa:"Masekugcwele la kuba yingozi futhi akukho matekisi uzobuyela ngani emuva?"

Nhloso:"Ngizokhetha indoda eyodwa engiyibonayo ukuthi yomile bese ngiyishayisa emathangeni ingimukise ekhaya.""

Bahleke uNsizwa amubuke bahluke ekudeni noMihla lona uyazwana nobumnandi uMihla yena uyagadwa kubo.

Mihla:"Uzigadeke mngani phela uphume nathi kugogo"

Nhloso:"Sure ntwana."

Baphume uNsizwa afake izandla esikhwameni azikhuthuze

Nsizwa:"Ngilinde kancane ngishiye ucingo lwami kulelagumbi."

Mihla:”Shesha.”

Asuke ngejubane aqonde kuNhloso amubambe ngesandla ezidansela nomunye owewilisa. Basithele ngale ngasema toilet, uNhloso uthukile manje ngoba akazi ulenzeni isoka lomngani wakhe. Afike amuhlanganise nobonda amubambe umlenze awubeke okhalweni lwakhe sekeme ngonyawo olulodwa. Amuqabule noNhloso angapholisi maseko baqabulane. Masekadelile amubuke futhi bamoyizelelane

Nsizwa:”Angikhonanga kuzibamba.”

Nhloso:”Kudala ngilibona iso lakho.”

Nsizwa:”Ngiyabuya ungalokhu udansa nalamaphara.”

Nhloso:”Uzobuya ngempela?”

Nsizwa:”Ngiyabuya futhi ngiyakufuna ngibuke.”

Angamubuki uNhloso avele amugxavune isitho sakhe

Nhloso:”Ohhhh wow shesha”

Amufulathele uNhloso asale anikina ikhanda uNsizwa amulandele angene sekagijima emotweni nokuyishayela uhamba ngesinye isivinini.

Mihla:”Kahle bo wahamba ngesivinini esingaka.”

Nsizwa:”Angifuni ubaba wakho akulwise.”

Mihla:”Ohhhh Nsizwa ngiyabonga bengicabanga ukuthi awuzwisisi"

Ashayele mabafika nje asathi uyahlala kancane uMihla.

Nsizwa:”Ngizokushayela ucingo kumele ngihambe.”

Mihla:”Hawu wase ubukeka ujahile nje?”

Nsizwa:”Uthe ufuna ukubuya kini manje awusafuni.”

Mihla:”Hawu usungaze ukhuluma nami ngaleyo ndlela?”

Athule uNsizwa ehlike uMihla angakavali nomnyango kahle ayisuse uNsizwa asale amangele.

Mihla:”Mxm.”

Angene kubo abazali basazihlezele kusofa

MaMzobe:”Ujabulile la beniye khona?”

Mihla:”Kakhulu ma ngikhathele besizula yooo.”

Mzobe:”Ngiyathemba awuphuzanga"

Mihla:"Ngiphuzile baba ujuzi kodwa."

Bahleke ngoba ubaba wakhe besekathukuthela

Mzobe:"Ngizokushaya wena."

Mihla:"Ngiyolala mina."

Aye egunjini lakhe ashintshe acabange lento eyenziwe uNziwa athatha ucingo lwakhe amushayele angaphenduli. Amushayele kaningana nje kufane agcine sekalala nenhliziyo ebuhlungu…

Ekuseni bavuke uMihla aqale ngokushayela uNsizwa angalubambi ahambe ayogeza makaqeda amushayele futhi alubambe.

Nsizwa:"Eyyyy sfebe yekela kungibhora please uthe ufuna ukuhamba manje uyanginaka ocingweni lwami."

Aluvale inhliziyo seyibuhlungu ahlale kancane egunjini lakhe acabange ukuthi uzomushayela futhi axolise. Aphume abazali bakhe basalele amangale nje ngoba ubaba wakhe umuntu ovukayo manje u9. Aphume ngesango aphinde amushayele ngoba ahamba endleleni angaphenduli. Makandlula khabo Sbongile acabange lento ayenzile izolo. Angabi asangena aqhubeke aye khabo Nhloso akokode emnyango.

Gogo:"Hhey akekho uNhloso"

Amangale ukuthi ukuphi ekuseni kanje acabange ukuthi unamanga ugogo. Akokode futhi agcine sekavula umnyango ugogo.

Gogo:"Ngiyakutshela angithi akekho lomngani wakho"

Mihla:"Uhambe nini?"

Gogo:"Uhambe nani izolo akakabuyi."

Amundlule ayobheka egunjini lakhe sizithulele isalukazi ngoba ilomzukulu wakhe ojwayeze abangani bakhe kuthi bamudelele. Akekho ngempela futhi kuyabonakala akalalanga la yonke into isenjengoba ibinjalo izolo. Izimpahla phezu kombhede adineke makabuka ibhlukwe laSbongile, umuntu ofuna isoka lakhe. Asathalaza nje abone kuma imoto ngaphandle abheke ngefasteleni kwehlike uNhloso.

Mihla:"Hayibo ngoba ngathi imoto kaNsizwa lena"

Aphume egijima kuyoyibukisisa makafika emnyango acishe ukushayisana noNhloso, amundlule asuke ngejubane akusekho moto. Amulandele uNhloso naye amufice ethalaza emgwaqeni.

Nhloso:"Kwenzenjani mngani?"

Asondele kuye

Mihla:"Ubuhamba nesoka lami?"

Azenze omangalayo uNhloso abe azi kahle kuthi ukhuluma ngani umngani wakhe.

Nhloso:"Isoka lakho liphi?"

Mihla:"Ungangenzi isilima Nhloso ngiyibonile imoto yakhe"

Nhloso:"Cha usangene impela zonke izimoto sezakufanela nezalesoka lakho, yilona lodwa elishayelayo na."

Mihla:"Nguyena ngiyibonile lemoto"

Nhloso:"Yabona mngani mina ngeke sizwane mawuzongicabangela into enjena sies maaan. Ufunani futhi la ekhaya?"

Athule uMihla acabange ngaphakathi uyazi imoto kaNsizwa le ayibonile kepha indlela umngani wakhe angayo uthukuthele futhi nje ngeke amenze leyonto.

Mihla:"Ngiyaxolisa mngani ukuthi ungiphoxile uNsizwa."

Nhloso:"Manje mina ngingena ngani ekuphoxweni kwakho."

Mihla:"Ngiyaxolisa ngempela."

Nhloso:"Kulungile mngani ngiyazwisisa, uthi ukuphoxeleni?"

Mihla:"Angithi ngihambile izolo"

Amuxoxele konke okwenzekile

Nhloso:"Mhlawumbe abezomele nje nawe wamuncintsha uyawazi anjani amadoda."

Mihla:"Wena ubukuphi?"

Nhloso:"Nginitshelile ukuthi ngizohamba nendoda"

Bahleke bayongena endlini ugogo akabingelelwa uyandlulwa nje ngathi akekho, baqonde egunjini laNhloso.

Mihla:"Yazi uSbongile ungenzele izimanga izolo."

Nhloso:"Wenzeni?"

Mihla:"UNsizwa abemuphelezele kuya endlini encane umuntu sekathi kimi uNsizwa abezama kulala naye ngenkani cabanga."

Nhloso:"Ucabanga ukuthi uSbongile angaqamba amanga ngaleyo ndlela?"

Mihla:"Nakhu phela."

Nhloso:”Isoka lakho nalo lisile libonakala emehlweni kanti noSbongile ume kahle nawe uyazi.”

Mihla:”Ume kahle ukundlula bani"

Nhloso:”Musa ukuzikhohlisa mngani wena ugabe ngamathanga amakhulu uSbo umile bandla.”

Baxoxa nje uNhloso uyaqoqa lezimpahla azishiye phezu kombhede, kukhale ucingo lwakhe alubamne.

Nhloso:”Ahaaa"

Nsizwa:”Ucingo lubanjwa kanjalo?”

Nhloso:”Yebo awudelanga ngami wangishayela ngokushesha nje?”

Nsizwa:”Uyazazi izindaba zakho ntombazane singaphinda namuhla futhi?”

Nhloso:”Uwifey uzokushayake manje ngoba uzolile futhi.”

Nsizwa:”Usole kuphi?”

Nhloso:”Phela mawungishiya la ekhaya ngifice umngani wami abathi uMihla angilindile akajabulanga.”

Nsizwa:”Unaye lapho manje?”

Nhloso:”Yebo ngifuna ukumjabulisa nje ngoba uphansi.”

Nsizwa:”Uyingozi wena uyashisa uyilento engiyifunayo yazi, ngizokushayela later.”

Bavalelisane

Mihla:”Besingekho isidingo kuthi ukhulume ngami esokeni lakho.”

Nhloso:”Bengeke asuke ocingweni loyo.”

Mihla:”Kulungile mngani ithi ngihambe.”

Nhloso:”Vele ngifuna ukulala lomlisa akangiphumuzanga yooo"

Mihla:”Wenza kanjani mngani kungakhathali?”

Nhloso:”Mzukwana uya kuNsizwa ungitshele ngizokunika okuthile"

Mihla:”Ngibeke esangweni mngani nami ngiye ekhaya.”…..

***ISIQEPHU 23***

***KWANKOSI***

Masebahambe bonke baya emsebenzini uAmanda ahambe ayovusa uSbongile.

Amanda:"Ulale kanjani?"

Sbo:"Ngilale kahle sesi kodwa ngiye ngababaphupha labantu"

Amanda;"Abantu kanti?"

Sbo:"Kuqale isoka likaMihla sisi"

Amanda:"Abakwenzanga lutho kodwa?"

Sbo:"Cha."

Amanda:"Kuncono manje mawufika kini uxolise kumawakho ungaphinde uhambe ugqoke lomhlolo ubuwugqoke izolo. Uyazazi unamahips nayo yonke lento ehalisa abesilisa."

Sbo:"Bengiqala futhi ngeke ngiphinde."

Amanda:"Gezake uzodla sihambe"

Asale avuka ageza makaqeda aphume uAmanda uhlezi nomamNkosi, izolo abengahleki ubukeka engazwani nento ebhedayo abe namahloni asabe nokusondela.

Amanda:"Sondela uzodla awubuke nalezinto zaCebile ziyakubamba ezinqeni."

Azihlekise uAmanda wenzela ukuthi umamezala wakhe angabhedi ngoba vele akazwani nododi. Azithulele angahleki aqhubeke aziphuzele itiye lakhe, asondele kancane uSbongile.

Sbo:"Sawubona ma."

MaNkosi:"Mmmmm."

Aqhubeke netiye lakhe, kukhale ucingo lwaAmanda

Amanda:"Baby."

Nathi:"Sthandwa sami ngicela ungisize ngikhohlwe ifayela lakafinance estudy ngizoya emhlanganweni manje, angikwazi ukulilanda ngoba manje ngimatasa ngokunye."

Amanda:"Kulungile ngizothumela u…"

Amungene emlonyeni

Nathi:”Cha angifuni libe sezandleni ezingalunganga lilethe wena please.”

Amanda:”Kulungile ngiyeza"

Nathi:”Noma ufika la ungaliniki muntu ulinde  mina, ngiyabonga sthandwa sami"

Avale ucingo aye estudy ngempela alithole abuye sekagijima.

Amanda:”Mama uNkosnathi ukhohlwe lefayela unomhlangano walo manje, Sbongile asambe.”

MaNkosi:”Umusaphi ngoba kubo kule.”

Amanda:”Ngizomuhambisa mangibuya kumyeni wami ma.”

MaNkosi:”Mushiye ngizomuhambisa mina"

Amanda:”Ngiyabonga ma.”

Aphume sekagijima uSbonhile asale kube ngathi ufisa ukubaleka manje, nalokudla avele akusabe angasakudli. Aqede itiye lakhe umaNkosi ashayele indodakazi yakhe.

MaNkosi:”Umthole anjani?”

Cebile:”Ulimele ma kodwa akusilo inxeba elikhulu, usemsebenzini nje manje"

MaNkosi:”Kulungile ngizokubona mawubuya.”

Asukume umaNkosi aye egunjini lakhe athathe bokhiye abuye abheke uSbongile oshalazelayo.

MaNkosi:”Asihambe"

Asukume baye emotweni uhamba ubheke phansi angene ngemuva angamunaki umaNkosi. Asuse imoto

MaNkosi:”Awungitshele kwenzakaleni izolo, konke.”

Sbo:”Sihlangene noButana ahamba nesoka lamngani wami sahlala sonke endaweni yokudlela.”

Sekasaba ukusho ukuthi bebasendaweni ethengisa utshwala

Sbo:”Sihlalile sonke mina ngasengicela ukuhamba ngoba umama angafuni ngibuye sekuhwalele. Abangani banqabile ukuhamba mina ngahamba uButana wangilandela wangifica emgwaqeni. Ngingabi nenkinga makathi uyangilayisha ngoba besihlezi sonke ungijikele endlelni ngamubona sekafaka imoto esigangeni.”

MaNkosi:”Ubugqoke lento bowuyigqoke ufika?”

Abheke phansi uSbongile

Sbo:”Eya akusiyo into engihlala ngiyigqoka ukuthi besidudene nabangani"

Anikine ikhanda umaNkosi baqhubeke nohambo baze bafike. Baqhamuka nje umama Sbongile ungaphandle esangweni kuyazisho ukuthi ukhathazekile.

MaNkosi:”Umawakho lo?”

Sbo:”Eya.”

MaNkosi:”Uyamubona ukhathazekile.”

Behlike emotweni axwaye umama Sbongile ngoba akayazi lemoto, masekwehla uSbongile amangale angabangi umsindo ngoba sekahlonipha lomuntu  omdala ahamba naye.

MaNkosi:”Sawubona mamakhe.”

Abheke indodakazi yakhe nayo ishalazele

MaSbo:”Unjani?”

MaNkosi:”Siyaphila"

MaSbo:”Singangena.”

Abahole bayongena endlini athalaze umaNkosi abone indlu kahulumeni encane kepha ihlanzekile. Bahlale phansi umama Sbongile amehlo akhe asasekuSbongile.

MaNkosi:”Mina nginguGugu Nkosi, izolo indodana yami ize nendodakazi yakho bahlangene le ezigangeni abantu bafuna ukuyibamba indodana yami yamulamulela. Manje masekamuletha kubo kwatholisa kuthi umama ubeyithukuthelele wabaxosha. Ingane yakho ilele kami nayi ikahle kodwa ayikho kahle emoyeni"

Sekayakhala uSbongile umamakhe uthukile kodwa usaziqinisa

MaSbo:”Lomuntu bekafuna kukundlwengula ukuthole kuphi?”

Sbo:”Emall ma ungilandele kusuka lapho masengihamba.”

MaSbo:”Ubungayanga kanti kuyomukisa assignment yakho ufike njani emall?”

Sbo:”Ngisuke eskoleni ngahlangana noMihla sase siya khona emall.”

Anikine ikhanda umawakhe bese ubuka umaNkosi

MaSbo:”Ngiyabonga sesi iNkosi ikubusise mina bengeke ngivume kwakumlalisa nje.”

MaNkosi:”Ngizonishiyake nisale kahle, wena uhlukane nabangani.”

MaSbo:”Ncono mangabe uyezwa uyazi.”

Asukume umaNkosi aphume naye umama Sbongile mabafika ngasemotweni amubone izandla zakhe ziqhaqhazela amubambe umaNkosi kuvele kwehle izinyembezi.

MaNkosi:”Ngeke ngikushiye unjenake ngapha nengane ayikho kahle"

MaSbo:”Mina angisazi ikuphi engingakwenzi kahle ngalomntwana, ngiyayithanda indodakazi yami kuphela kwayo.”

MaNkosi:”Asingene emotweni"

Bangene uSbongile amangale nje ngoba ubabuke efasteleni uhlezi uthukile ulinde induku ngoba uyazi umawakhe alufakwa.

MaNkosi:”Yehlisa umoya uyazi izingane zinjani mazifika kuleminyaka"

MaSbo:”Yazi ukuzwa nje ukuthi indodakazi yami icishe yadlwengulwa kuyangibulala ngoba nami kwake kwangivelela lokho.”

MaNkosi:”Ngiyaxolisa sisi"

MaSbo:”Yazi mina ngadlwengulwa umuntu engangisebenza kwakhe ngakhulelwa. Selokhu emuncane umntanami ngimugadile angifuni nokuthi aphume, buka manje ngimudedele izolo sekwenzeka into enje.”

MaNkosi:”Ubuhlungu owandlula kubo bubuhlungu kepha ukuvalela ingane yakho endlini yikho okuzokwenza abe namaphutha. Uyamudinga ukuba nabangani ubomukhulula kancane nje noma kungaba amahora ambalwa.”

MaSbo:”Ngiyafuna kodwa kunzima ngiyabonga yazi ngiyaqala kukhuluma ngalendaba kumuntu engingamazi futhi.”

MaNkosi:”Sonke sinezethu sesi inkinga ayikho ngikufisela inhlanhla nendodakazi yakho.”

MaSbo:”Ngicela ungibongele kwindodana yakho, mangabe inkinga ayikho ngicela umubize ngizobonga ubuso nobuso ababaningi abalunge kanjalo.”

MaNkosi:”Ngizomazisa"

MaSbo:”Ngiyabonga ithi ngibone indodakazi yami mhlawumbe icabanga ukuthi ngisazoyishaya ngiyilunguze nepunani ukuthi ayiganganga na"

Amangale umaNkosi

MaNkosi:”Hayibo mfazi umenza lokho?”

MaSbo:”Bengikwenza sesi ngenxa yokusaba kepha ngeke ngisakwenza manje, kube kuya ngami kube uhlala ayintombi nto impilo yakhe yonke"

Bahleke bobabili

MaNkosi:”Uyazi kodwa kuthi ngeke kwenzeke kungekudala nje uzozwa ukuthi umama ungifihlela uswidi omnandi kanje.”

MaSbo:”Hhayi kahle sisi angifuni aluzwe lolo swidi ngoba luyahlanyisana.”

Bahleke futhi bavalelisane umaNkosi asuse imoto abuyele kwakhe…

***<u>ISIQEPHU 24</u>***

***<u>KWAKHUMALO</u>***

Umama Nsizwa uhlezi uyacabanga isimo sendodana yakhe indlela aphatha ngayo umkakhe.

Khumalo:"Nkosikazi ngiyazi mawuhlezi kanje sekukhona akwenzile lomfanakho."

MaKhumalo:"Ngimukhiphile enhliziweni yami uNsizwa akaqhubeke abulale impilo yakhe angisazingeni."

Khumalo:"Wenzeni futhi manje?"

MaKhumalo:"Uyaqhubeka ngokuhlukumeza inkosikazi yakhe, ezinsukwini ezendlule ufake intombazane la angazi inkosikazi yakhe izwe kanjani yeza kwasuka omkhulu umsindo lo."

Khumalo:"Lomntwana ngicabanga ukuthi simuyise kuSkhosana."

MaKhumalo:"Uzomenzani uSkhosana baba makangafuni ukushintsha yena?"

Skhosana:"Phela inkosikazi yakhe izomushiya, kanti nakwaKhoza abamufuni uNsizwa."

MaKhumalo:"Yazi indlela abengayo uDansile baba, bahlala baxabana benoNsizwa akhale athethe enze wonke umsindo. Manje abethulile angenzi umsindo ngishawe uvalo lapho kuthi ukhathele."

Khumalo:"Eyyyy ngiyayithanda lengane inesimilo futhi, uzozibona makangamushiya. Uphi yena umakoti angithi mabaxabana uza la ekhaya?"

MaKhumalo:"Mhlawumbe ubone ukuthi ahlale kwakhe ngoba makeza la ujike afake amantombazane emzini wabo."

Anikine ikhanda uKhumalo ngenxa yokucasuka, angene uNsizwa basakhuluma ngaye, bamubuke kabi abazali bakhe.

Nsizwa:"Sanibonani ma nawe baba"

MaKhumalo:"Ufunani la kwami?"

UKhumalo azivulele iphephandaba alifunde angafuni kwakuyibheka indodana yakhe.

Nsizwa:"Ngiyazi mama ungithukuthelele amagama akho kunzima kuwakhipha ekhanda lami abuhlungu"

MaKhumalo:”Ingane yabantu izwa ubuhlungu sekwanele manje Nsizwa''

Nsizwa:”Ngize kuye kuthi silungise mama.”

MaKhumalo:”Ufuna kulungisa bese uyaphinda futhi kunini nilungisa.”

Nsizwa:”Ngeke ngiphinde ma"

Anxaphe ubaba wakhe avale lephephandaba aliphose etafuleni asukume aqonde kwindodana yakhe ayikhombe ngomuno.

Khumalo:”Wena mfana indoda yangempela ayiwenzi lamasimba owenzayo, wawushadelani mangabe usafuna ukuhamba ulala''

Abheke phansi uNsizwa

Khumalo:”Uzozisola mfanami uzocabanga ukuthi uthakathiwe kanti cha izenzo zakho. Manje angazi uzofunani la kube uhlezi ekhaya nenkosikazi  yakho uyabonisa ukuzisola''

Nsizwa:”Ngizomulanda baba ngikhathazekile ngoba ushiye nemoto yakhe ufike kanjani la?”

Khumalo:”Uzomulanda umushiye lana yini?”

Nsizwa:”Cha uhambile ezinsukwini ezintathu ezendlule.”

MaKhumalo:”Akekho lanake.”

Asukume uNsizwa ngokuthuka kepha azitshele ukuthi abazali bakhe bayamufihla nje ukuthi kungasuki umsindo ngoba makamulanda kuba nomsindo njalo. Akhuphuke izitebhisi egijima kuya egunjini alisebenzisa makala. Afice engekho agcine sekangena wonke amagumbi angamtholi. Nomawakhe akhathazeke manje abone ukuthi lento abeyisola nayi. Akhiphe ucingo uNsizwa amushayele lungangeni

Nsizwa:”Ungibhlokhile ma inombolo yami ayingeni.”

Athathe ucingo lwababakhe oluphezu kwetafula achofoze inombolo yomkakhe lukhale, asheshe futhi ukuliphendula.

Dani:”Sawubona baba.”

Nsizwa:”Baby"

Dani:”Angifuni ukukhuluma nawe.”

Nsizwa:”Ukuphi sthandwa sami ngicela sikhulume.”

Avale ucingo lwakhe uDansile aphelelwe amandla uNsizwa azame kumushayela futhi angasalubambi ashiye imilayezo eminingi

Nsizwa:”Sthandwa sami ngiyakucela phendula ucingo.*

*Ngizimisele kushintsha kepha ngeke ngikhone mawungekho duze nami.*

*Ngiyakucela Dani ungangibulali ngalohlobo.*

*Okungenani ngitshele ukuthi ukuphi.*

Abeke ucingo lwababa wakhe makangatholi mpendulo kuvele kuse ekhanda lakhe, yonke leminyaka uyazi ukuthi inkosikazi yakhe ngeke imushiye nakanjani ngoba iyayithanda lempilo yemali.

Nsizwa:"Ngicela ungisize baba."

Anikine ikhanda uKhumalo

Khumalo:"Ngikusize kuthi ubuyise inkosikazi yakho bese wenza wonke lamanyala futhi, yekela lengane yabantu."

Nsizwa:"Ngiyacela baba uDansile makahamba ashiya nemoto yakhe ayithanda kangaka."

MaKhumalo:"Lokho kuyasho ukuthi angaphila ngaphandle kwalobukhazi khazi."

Asukume uNsizwa ikhanda lakhe liduma ayongena emotweni ahambe ulokhu uyazibuza ukuthi angaba kuphi uDansile uyazi kubo akazwani nobaba wakhe ngeke kube lula kuthi aye khona. Kukhale ucingo lwakhe asashayela uMihla ezwe ecasuka ngoba ulokhu uyamushayela akaqedi.

Nsizwa:"Ngane yomuntu awuhlukane nami."

Mihla:"Ngisesangweni lakini sthandwa sami ngicela ungixolele."

Nsizwa:"Ufunani lapho?"

Mihla:"Ngiyacela angikhoni kwenza lutho ngoba ungithukuthelele."

Acabange ukuthi makangamulandi uzongena kanti abazali bakhe bamuthukuthelele uzokwenza isimo sibe sibi kakhulu. Ajikise imoto ucasukile manje makaqhamukela kubo nangu umile afike amise imoto angene phakathi ayisuse.

Nsizwa:"Ufunani la ngingakubizanga?"

Mihla:"Ngiyaxolisa ngendaba yayizolo kepha  namuhla singaba ndawonye ubusuku bonke."

Nsizwa:"Eyyyy Mihla nginezinto okumele ngizilungise ngikuyisa kini manje sizobuye sikhulume."

Mihla:"Ohhh bekunguwe ngempela lo obelethe uNhloso ekuseni kubo"

Nsizwa:"Uzongicasula manje Mihla ngiyakutshela ukuthi kunezinto okumele ngizenze."

Mihla:"Eziyini?"

Nsizwa:"Uyazi yini engiyizondayo kumuntu wesifazane? Ukucefeza lento oyenzayo ungiphathisa ikhanda uma ungakhoni ukuthula mina hlukana nami."

Mihla:"Ngiyaxolisa sthandwa sami engifuna kukuzwa ukuthi uyangixolela ngizohamba."

Nsizwa:"Kulungile ngiyakuxolela"

Mihla:"Mangabe uyangidinga namuhla ebusuku ungabuya ungilande."

Nsizwa:"Kulungile."

Mihla:"Ngiyakuthanda."

Nsizwa:"Ngikumukise kini?"

Mihla:"Eya."

Aphendule imoto aqonde kubo makafika ema buqamamana nakhona

Mihla:"Ngicela ungihage hawu."

Amuhage lokhu okungenamdlandla amubuke ebusweni aswabe bese uyehlika. Ashayeke uNsizwa ehlike naye amulandele amubambe emahlombe.

Nsizwa:"Kunento okumele uyazi ngizobuya ngizokutshela okwamanje ikhanda lami liphithene."

Mihla:"Kulungile"

Amuhage amuqabule esiphongo mabayekana nangu usesi waMihla esangweni lakubo ubabhekile. UNsizwa abuyele emotweni yakhe ahambe…

***KWAMZOBE***

Mihla:"Sawubona sisi."

Amanda:"Usuthandana nabantu abashadile manje wena?"

Amubheke uMihla

Mihla:"Akashadanga sisi"

Mihla:"Ushadile uNsizwa futhi uyiplayer anjalo nje mudala nakuwe, uqedile ngezinto zesikole nje ngoba ugcwele imigwaqo."

Mihla:"Akashadile ngiyakutshela angithi."

Amanda:"We Mihla uNsizwa uyayithanda inkosikazi yakhe kudala adlala ngezingane zabantu ezithanda izinto njengawe, ngingusesi wakho ngeke ngikulahlekise."

Mihla:”Yebo ungusesi wami kepha ngiyabona unomona njengabobonke abantu kuqale uSbongile athi isoka lami belifuna kulala naye manje nawe uthi ushadile.”

Amanda:”Ucabanga ukuthi umngani wakho unamanga, ngoba mina ngiyayikholwa leyo ifana noNsizwa”

Mihla:”Yazini sisi wena ufuna silokhu sicela kuwe ngoba wendele emalini manje mina uyangivimba ngoba uyazi uNsizwa unemali, yekela umona awukufaneli. Ufuna kube nguwe wedwa umuntu osizayo la ekhaya ngemali yomyeni wakhe.”

Amand:”Hayibo Mihlayenkosi"

Mihla:”Get a life.”

Afulathele ayongena endlini asale emangele uAmanda aze ashaye izandla ayongena endlini naye.……

***ISIQEPHU 25***

***EMSEBENZINI***

Zibhidlizwe izindlu uAngel emele le benoLwazi, bayatshontshana ngenxa yalento abayenzile ekuseni. ULwazi uyazifisa anaye kanti uAngel unezinhloni ngokwenza ihlazo elingaka. Uya khabo mfana bese uyamuqabula angamubizanga.

Lwazi:"Ngisaya ehhovisi."

Angel:"Kulungile."

Ahambe amubheke uAngel emva kwesikhashana kanti naye umubhekile abheke phambili ngokushesha uAngel aze adonse umoya. Kukhale ucingo lwakhe alubheke amoyizele umngani wakhe abuke emuva umnumzane ungene ehhovisi. Asuke naye kancane emsindweni

Angek:"Sawubona."

Lwazi:"Ngicela ungisindise ngingakalingeki."

Angel:"Sekubingelelwa kanjalo manje?"

Lwazi:"Uxolo nkosazana ukuthi ngiyazizwa ngiphelelwa ukubekezela ngicela kukubona nkosazana"

Angel:"Ngobani?"

Lwazi:"Ngaphakathi kimi ngiyazizwa ukuthi wena ungowami angifuni kube khona okwenza ngilahlekelwe okukhona ngokungekho."

Angel:"Ngiyafisa kukubona ngenhliziyo yami yonke kodwa nginovalo"

Lwazi:"Ngiyakucela okungenani iza nomuntu noma abantu."

Angel:"Nini?"

Lwazi:"Namanje nje mina ngikahle."

Angel:"Ngempelasonto kunjani?"

Lwazi:"Ohhh ngiyasebenza ngempela sonto kukhona okumele ngiyokudiliva kude."

Angel:"Ninike?"

Lwazi:"ULwesihlanu unjani?"

Angel:"Ngobani isikhathi?"

Lwazi:"Isikhathi sengizosizwa ngawe mina ngizobe ngikahle usuku lonke."

Angel:”Ngizokwazisa ntambama"

Lwazi:”Manje mangikubona nkosazana uyisithandwa sami?”

Angel:”Usungangithatha lula kanjalo?”

Lwazi:”Awukho lula ngizwa ngendlela okhuluma ngayo.”

Angel:”Lwazi mina ngiyasaba.”

Lwazi:”Bona mangabe uyazizwa ukuthi awungithandi ngeke ngikuhluphe futhi, yerrr ngizizwa ngathi ngiyisilima kushela ocingweni.?

Ahleke uCebile

Cebi:”Ushela umuntu ongamazi futhi.”

Lwazi:”Yazi lento ayikaze yenzeke iyaqala, ngiyasho kugcwale umlomo nje ukuthi ngiyakuthanda. Lento ngiyibona masingakhulumanga ngiyakukhumbula manje kukhona okuzama kungiphazamisa yingakho ngifuna sibonane.”

Cebi:”Uphazanyiswa yini?”

Adonse umoya uLwazi

Lwazi:”Ngeke ungidube mangikutshela?”

Cebi:”Ngeke.”

Lwazi:”Kukhona engimuqabulile namuhla asithandani yingakho ngithi angifuni kulahlekelwa okukhona ngokungekho. Wena ngiyezwa ukuthi ngiyakudinga yize ngingakwazi.”

Acabange ewakhe umkhuba uCebile kepha angasho lutho azizwe eba nomona kuthi ukhona amuqabulile.

Cebi:”Kusho ukuthi uyamuthanda khohlwa yimina.”

Lwazi:”Ngiyakucela asithandani kuzenzakalele.”

Cebi:”Uyamuthanda na?”

Lwazi:”Ngiphakathi kwendlela manje ingqondo yami nenhliziyo yami kungitshela ngawe, ngicela ukungachazi ngalo engimuqabulile ngoba angazi nje.”

Cebi:”Ngiyasaba.”

Lwazi:”Ngiyacela nkosazana ungangiphoxi ushintshe umqondo ubusuvumile nje.”

Athule uCebile

Lwazi:”Sizobonana endaweni enabantu noma emarenkini ngiyakucela.”

Cebi:”Kulungile sizobonana ngoLwesihlanu, asenze u11"

Lwazi:”Uzobe ungasebenzi na wakhetha isikhathi esasekuseni nje?”

Cebi:”Ngizocela.”

Lwazi:”Ngiyabonga nkosazana kaLwazi"

Cebi:”Kulungile.”

Lwazi:”Mana Cebile.”

Cebi:”Mmmmm.”

Lwazi:”Ngiyakudinga empilweni yami ngicela ungashintshi umqondo"

Amoyizele uCebile abhale umlayezo ngoba lento ngeke akhone kuyikhuluma abhekene nomawakhe. Ufuna nje ukugcina isithembiso asenza kubazali bakhe kuthi makukhona okwenzekayo akhulume.

Cebi:”Mama ngicababga ukuthi ngisemathandweni.”

Amushayele umawakhe ngaleso sikhathi athuke alubambe kodwa.

Cebi:”Mama"

MaNkosi:”Wakuphi lowo mfana.”

Aqhamuke uLwazi amubheke

Cebi:”Mama sizokhuluma mangifika ekhaya.”

MaNkosi:”Kulungile kodwa ungenzi lutho futhi nje ungabonani naye singakakhulumi"

Cebi:”Kulungile ma.”

Aluvale uLwazi angasayi kuye aye kulaba abashayela bomagandaganda, angakhoni ukuchaza naye naye uCebi kepha ezwe ubuhlungu ngalesenzo sakhe. Usuku lonke nje angabi asamnaka bagcine ngokukhuluma ngomsebenzi.

Cebi:”Mnumzane"

Lwazi:”Mmmm"

Cebi:”Ingabe kukhona engikwenzile okubi?”

Lwazi:”Cha kungani ubuza?”

Cebi:”Uyangiziba awungibuki kwakungibuka.”

Lwazi:”Ngiyaxolisa ngalento eyenzeke ekuseni bekungamele ngikuqabule bekuyimizwa nje okuba duzane nomuntu wesifazane endaweni evalekile, kuyenzeka.”

Cebi:”Ngiyazwisisa mnumzane.”

Lwazi:”Ngeke kushintshe ukusebenzisana kwethu ngiyathemba ngoba eqinisweni siyakudinga nangu nomdwebi ungene emafini.”

Cebi:”Ungakhathazeki akukho okuzoshintsha ngiyawuthanda umsebenzi wami, ngiyaxolisa futhi ngokutheleka ngingamenywanga kini.”

Lwazi:”Ngiyazwisisa kodwa ngimangalile waze kanjani ekhaya?”

Cebi:”Ubaba ongilayele makezwa ukuthi ngiqeda kushiwa ubaba wathi uma kukhona engikudingayo kubaba ucela kungidobha ngibe yindodakazi yakhe.”

Amubuke uLwazi emehlweni amubone ukuthi uphoxekile akazi noma uphoxwe nguyena noma ukuthi ukhuluma ngobaba wakhe ongasekho. Amubuke noCebi babukane impela asondele uLwazi kuye uCebile ahlehlele emuva.

Cebi:”Ngizibona njengo sesi wakho manje ngoba ubaba ungidobhile.”

Amoyizele uLwazi angaphenduli ngoba uzibona ngathi uyasangana, aqhubeke ngokubonana nomngani wakhe wocingo noma amuyeke ngoba akamazi noma bangahlangana endleleni ngeke amukhombe. Nangu phela umfundi amenza azizwe ngenye indlela. Adonse umoya uLwazi asamubukile nje asondele umshayeli woganda

Mlambo:”Ngiqedile ndodana ungasondela uzobuka okunye.”

Basondele abakhombise

Mlambo:”La kunesigodi mawuyela ezansi ngathi kwakhishwa isihlahla.”

Lwazi:”Ngiyazi ngalesigodi.”

Mlambo:”Ngenzenjani ndodana awufuni sivalwe.”

ULwazi abheke uCebile

Cebi:”Kumoshekile la mnumzane bakhipha itshe elikhulu kanti izimpande zalesihlahla zinabile zifinyelela la. Ngicabanga ukuthi kwenziwe okunye kulesikhala ngoba indlu isazokuwa"

Mlambo:”Ungowakabani umakoti wakho ndodana?”

Babhekane uLwazi angazi aphendule athini

Mlambo:”Nginibonile indlela enibukana ngayo naze nangikhumbuza isalukazi sami, leshishini lenu lizokhula nizoze nakhele namanye amazwe maningasebenzisana kanje. Lento ayishoyo yenza umqondo uhlakaniphile, mina sengiyahambake ngizothumela abafana bazosusa lonke locucuva"

Lwazi:”Abeze manje baba sengilahlekelwe isikhathi kakhulu leproject isemuva manje.”

Mlamno:”Bhovungane usale kahle nawe Bhovunganekazi.”

Ahambe uMlambo basale beshalazelelana kepha kunzima kuLwazi uyathatheka ngempela uze akhohlwe amubheke angashalazeli.

Lwazi:"Ngicabanga ukuthi ushintshane noSbu yena eze ngapha."

Cebi:"Hawu mnumzane mina ngiyathanda ukusebenza nawe, I mean ukusebenza ngapha."

Lwazi:"Mina ngizoya ngale."

Cebi:"Cha ngizoya ngale mnumzane wena kumele ube la ubone ukuthi abenzi maphutha. Ngingahamba manje."

Ashawe unembeza uLwazi kepha ubona kuyinto ekahle ngoba uyabona uzogcine kwenzeke okunye.

Lwazi:"Asikho isidingo salokho selishonile ilanga uzoqala khona kusasa."

Avume uCebile naye ngenhliziyo ebuhlungu afulathele ayothatha isikhwama sakhe akhiphe ukudla ahlale phansi. Amulandele uLwazi eme phambi kwakhe

Lwazi:"Iza uzodlela ehhovisi kugcwele izintuli la"

Cebi:"Ngikahle ngiyabonga mnumzane."

Asuke aphinde ajike

Lwazi:"Asikhulume kancane."

Asukume amulandele ahlale endaweni yakhe uLwazi, ahlale naye ngale kwetafula.

Lwazi:"Cebi into eyenza ukuthi ngifune singasasebenzi ndawonye angazi kwenzakalani ngami ngiyaheheka nawe awunginiki ithuba ngoba umuhle phela."

Amoyizele uCebi abheke phansi

Cebi:"Ngizohlezi ngigqoke umakarabha namabhlukwe alengayoke ngiyathanda ukusebenza nawe."

Lwazi:"Eyyy uyabona izinto ozenzayo uyazwisisa kodwa angithi?"

Cebi:"Ngiyazwisisa futhi ngiyasihloniphaa isinqumo sakho kusasa ngizoya ngale ngiyathemba usisSiza ngeke angicasukele futhi"

Lwazi:"Ngikhulumile naye."

Cebi:"Kulungile mnumzane"

Lwazi:"Udla ini lapho, uyakhumbula ufike ekuseni ngangakhona nokudla endlini"

Cebi:"Hawu ngeke ukuthande"

Lwazi:"Yini lokho?"

Amukhombise

Lwazi:"Imifino kuphela?"

Cebi:"Eya."

Lwazi:"Ngobani?"

Cebi:"Ngifuna kwehlisa umzimba kancane"

Lwazi:"Abantu besifazane awuziboni ukuthi umuhle kanje ungayenzi leyonto"

Cebi:"Isisu engisinciphisayo."

Lwazi:"Siphi isisu ngoba mina angiboni lutho."

Cebi:"Hayibo nawu umkhaba."

Babukane futhi azame uLwazi bandla kungamubheki agcine sekasukuma avale umnyango aye kuye amusukumise. Makasasondela izindebe zakhe kukhale ucingo lwakhe lubaphazamise.

Lwazi:"That's it mawuqeda ukudla ungakhululeka kusasa uye ngale ngizoshayela uSyabonga kuthi uSbu eze ngapha."

Aphume uLwazi ayozishayisa ngomoya, uCebi angabe esadla aqoqe izinto zakhe aphume. Amubone la eme khona uLwazi enze ngathi kukhona akubukile ahambe uCebile. Akazi ngobani kodwa inhliziyo yakhe iba buhlungu ngapha nangu umngani wasocingweni akazibekile phansi. Akhiphe ucingo amushayele

Lwazi:"Nkosazana namuhla ngigeze ngobisi kukhuluma nawe kabili."

Cebile:"Ngibala izinsuku namuhla uLwesibili ngibona ngathi ukude uLwesihlanu singabonana kusasa mangiphuma emsebenzini?"

Lwazi:"Hawu."

Cebi:"Kwamele ngikubone ngoba ngathi kukhona okuzongiphunyuka"

Lwazi:"Ukhuluma ngani?"

Cebi:"Kusasa Lwazi uma kungakhoneki inkinga ayikho."

Lwazi:"Cha sizobonana, ushayisangobani isikhathi?"

Cebi:"Ngehora lesithathu kepha ngingacela kuhamba ngokushesha"

Lwazi:"Kulungile"

Cebi:"Sizobonana enkundleni yebhola kuhlala kuphithiza lapho, futhi ngizoza nosesi wami."

Lwazi:"Inkinga ayikho, ngiyabonga nkosazana kakhulu, ngeke ngilale namuhla"

Bavalelisane uCebile yena sekajahe ngoba uyazizwa uthanda umnumzane lona ibuhlungu futhi inhliziyo kuthi ngeke asasebenza celeni naye. Athuke sekuma imoto phambi kwakhe ubhuti wakhe uSnalo….

***ISIQEPHU 26***

Sinalo:”Seyishayile njalo?”

Cebile:”Mmm.”

Sinalo:”Uphi umashayisa amasango abantu?”

Cebi:”Hayisuka bo, Sinalo.”

Sinalo:”Mmm"

Cebile:”Kunabantu engicabanga ukuthi ngiyabathanda"

Sinalo:”Ususangene manje kusukela nini sowazi ukuthanda abantu wena.”

Cebi:”Ungazozenza ubhuti omdala ngami, bona kunomuntu engixoxa naye ocingweni angimazi nhlobo kepha”

Sinalo:”Uyamuthanda?”

Cebi:”Eya, manje inkinga yami seyila ngathi ngithanda nomphathi lapha emsebenzini?”

Sinalo:”Umashayisa isango ubaba wengane yesfebe?”

Cebile:”Sinalo angidlali yazi.”

Sinalo:”Khohlwa ilo okhuluma naye thanda umashayisa nami ngiyamuthanda kodwa ngathi uyilezi ezibhorayo zokuhlala endlini noma zokuya esontweni nangoLwesithathu.”

Cebile:”Enye inhliziyo ifuna lo engingamazi uzwakala athobile.”

Sinalo:”Cebi uke waba nalo isoka?”

Cebi:”Eya.”

Sinalo:”Nini kuphi ngoba uhlala ula ekhaya.”

Cebi:”Umuntu owadlala ngami nje azange kuphele nezinyanga eziyisithupha.”

Sinalo:”Kwenzakalani?”

Cebi:”Ngathola ukuthi ushadile, lobhuti wakwaKhumalo lapha emifinweni.”

Sinalo:”Ohhhhh yingakho ungasafuni ukuya lapho?”

Cebi:”Ngangenza ugrade11 wathi angathola akufunayo kwavela ukuthi ushadile.”

Sinalo:”Yoooo kuncono washesha kumyeka.”

Cebi:”Ungakhathazeki ngiyazi ngemizwa selokhu ngagcina ukuba nesoka ngalowo muntu ngoba manje sengizizwa kanje.”

Sinalo:”Mangabe ufuna kuyodibana nalomuntu wakho ongamazi ngizokuphelezela”

Cebi:”Ngizohamba nosis Amanda.”

Sinalo:”Nizokwenzani ningamantombazane nobabili ngizohamba nani.”

Cebi:”Siyabonana kusasa mangiphuma emsebenzini.”

Sinalo:”Uzomukiswa yimina.”

Cebi:”Kulungile, ngiyabonga bhuti ungamutsheli nawe ubhuti"

Bafike angenise imoto mabehla aqhamuke umaNkosi aqonde kuCebile amubambe ngesandla abheke uSinalo kuqala.

MaNkosi:”Umama walengane oze nayo izolo ufuna kukubonga mawuthola isikhathi uye kubo.”

Sinalo:”Asikho isidingo.”

MaNkosi:”Mina ngithi uye naye uzozizwa kahle uyazisola ngokunixosha izolo, wena asambe.”

Adonse uCebile ngesandla bangene endlini aqonde egunjini lakhe naye. Afike avale umnyango uSinalo azinikinele ikhanda angenise izinto athunywe zona.

MaNkosi:”Khuluma"

Cebi:”Mama uzokwenza ngizisole ngokukutshela"

MaNkosi:”Ngane yami angifuni uphatheke kabi, ubani lomfana?”

Cebile:”Ilomuntu engikhuluma naye ocingweni ma, ngivumile kuthi sibonane kusasa ngizophelezelwa uSinalo"

MaNkosi:”Umuthanda njani umuntu ongamazi awazi ngisho isithombe sakhe, musa ukudlala wena.”

Cebile:”Mama wangithembisa ukuthi masengikhulile uzongizwisisa.”

MaNkosi:”Mntanami ngikuzwisise kanjani uthanda umuntu ongamazi umhlaba unjena.”

Cebile:”Mangabe kukhona okubheke eceleni ngiyathembisa ngeke ngilinde kuthi ngibone okwesibili ngizovele ngimushiye, ngiyacela ma.”

Adonse umoya umaNkosi

MaNkosi:”Uzohamba noSinalo angithi?”

Cebile:”Eya ma.”

MaNkosi:”Angijabulanga kepha angifuni kuma endleleni yakho uma nje ungeke ukhohlwe ukuthi ubalulekile ungabi yisidlalo sabafana"

Cebi:”Ngeke ngikhohlwe mama"

MaNkosi:”Manje isango lami lizolungiswa nini ngoba lomuntu wakho uthe uzoza namuhla ekuseni.”

Cebile:”Namuhla bekumatasa ma emsebenzini kungenzeka ukhohliwe"

MaNkosi:”Akalimalanga kodwa?”

Cebi:”Ulimele kancane.”

Sekaphoxekile umaNkosi ngoba abezithandela lomnumzane umubona kuwumuntu ozonakekela ingane yakhe.

Cebile:”Ithi ngiyogeza ngikhethe nento engizoyigqoka kusasa.”

MaNkosi:”Nothing short.”

Cebile:”Ngiyathembisa, seyihambile lentombazane?”

MaNkosi:”Uhambile yazi uButana uzosifaka enkingeni yingakho ngimubizele amaphoyisa kuthi azomukhipha ngeke phela.”

Cebile:”Sewamukhiphile?”

MaNkosi:”Cha ngithe ngizobashayela makafika ingabe uye kuphi nemoto angabuyi.”

Cebile:”Izomubulala nalemoto kababa ayithatha ngenkani.”

Aphume uCebile umaNkosi asale acabanga indodakazi yakhe isencane manje seyikhulile futhi ibiziphethe kahle…..

***KWAKHOZA***

ULwazi makaqeda kupaka imoto makehlika nje nangu ubabakhe

Khoza:”Ndodana bekunjani emsebenzini?”

Lwazi:”Sesiqedile kuwisa izindlu baba baqoqa futhi kusasa siyaqalela ukwakha"

Khoza:”Kulungile ndoda manje ekuseni awungenanga endlini kuthi udle"

Amoyizele uLwazi akhiphe ilaptop yakhe emotweni

Lwazi:”Ngicabangile ufuna ukwazi uma sesithandana noAngel.”

Khoza:”Niyathandana vele ndodana kushoda ukuthi uyeke lokuthithibala phela mina ngizokushelela manje.”

Lwazi:”Hayibo baba, kahle.”

Khoza:”Wena nguwena ozenza isishimane ngalobuvaka bakho hhayi ngiyakuyeka manje.”

Kume imoto esangweni ebanga umsindo ivalwe ngokushesha, kwehlike uNsizwa bamubuke angena aze afike.

Nsizwa:”Sanibonani baba nawe Lwazi.”

Lwazi:”Sho ndoda kunjani?”

Nsizwa:”Ngiyaphila"

Asuke uKhoza abashiye lapho

Nsizwa:”Ubaba ngeke aphinde aphinde angifune nakancane?”

Lwazi:”Ayyy uyamosha nawe.”

Nsizwa:”Eish sbari bengicela kubuza ukuthi usesi wakho ukhona?”

Lwazi:”Angazi manje ngoba nami ngiqeda kufika angikangeni endlini ithi ngikubhekele.”

Ajabule uNsizwa kuncono ula kubazali bakhe phela umucinge yonke indawo la azi khona kuthi uyathanda.

Lwazi:”Asingene.”

Basondele bayongena endlini masekasekhishini uDansile aqhamuke amangale amubheke.

Dani:”Ufunani la?”

Nsizwa:”Ngicela ukukhuluma nawe mkami ngiyakucela.”

Aphume uDansile amulandele uNsizwa, ahambe aze aphume ngesango bayoma celeni kwemoto yakhe. Amubheke umyeni wakhe kabi naye uNsizwa azibonele ukuthi usathukuthele nalento ayenzile yokushiya imoto nokungayi kubo kumuthusile.

Dani:”Ufunani?”

Nsizwa:”Ngiyaxolisa sthandwa sami.”

Dani:”Yazi ngicabanga ukuthi uzokhuluma into ephilile kanti cha uzocula leculo lakho langemihla. Nsizwa wena awufuni ukushintsha akukho engingakwenzanga kuthi ubone ngiyakuthanda kepha manje sengikahle.”

Nsizwa:”Ngizoshintsha sthandwa sami ngizimisele ngathi. Ngiyakuthanda angikhoni ngaphandle kwakho.”

Dani:”Uhlala ungekho endlini lokho kuyabonisa ukuthi uyakhona ukuphila ngaphandle kwami kahle kamhlophe  nje.”

Nsizwa:”Ngiyakucela sthandwa sami.”

Amushiye lapho uDansile noma azama ukumubamba ngesandla ahluleke abuyele egcekeni lakubo amushiye lapho, aphenduke makangena phakathi aze ayamele ngesango.

Dansile:”Manje ngizifundisa ukuzithanda mina kuqala.”

Nsizwa:”Hawuu sthandwa sami.”

Afulathele ayongena endlini uDansile…..

***ISIQEPHU 27***

***KWANTULI***

Umama Sbongile akakakhulumi lutho  nendodakazi yakhe ngalento emehlele ngoba uhlala azivalele egunjini labo. Makaqeda ukwenza umsebenzi wasendlini  uSbongile uyageza ahlale egunjini labo akasabuki umabonakude yize amuthanda. Umawakhe makaqeda akwenzayo naye amulandele kuya egunjini labo, avule umnyango babukane asheshe ukubheka phansi uSbongile. Angene umawakhe ahlale celeni kwakhe athule isikhashana.

MaSbo:"Usafuna kuyovakasha kamalume wakho?"

Sbo:"Eya ma kodwa uma ungenayo inkinga"

MaSbo:"Ngane yami yazi ngiqinisa isandla kuwe ngoba angifuni,uphambuke endleleni, ngifuna ube nakho konke okudingayo. Ukuzwa nje ukuthi ucishe wadlwengulwa kungilimazile kepha ngiyabonga ukuthi uphephile"

Amuhage umawakhe sebakhala bobabili

MaSbo:"Kunzima ukuba umuntu wesifazane kulesikhathi samanje"

Sbo:"Ngiyaxolisa ma ngeke ngiphinde ngikuqambele amanga mina bengizitshela kuthi sizohamba sibuye manje uNhloso."

MaSbo:"Shhhhhhh ukhulile manje uyalazi iqiniso mina ngiyenzile indima yami kuwe kusukela usemuncane. Manje nguwena okumele uzibheke mntanami."

Sbo:"Awukho kahle ma kwenzenjani?"

MaSbo:"Kunzima nana umama uzokuxoxela ngelinye ilanga, ungaphumula upake uzohamba isonto elilodwa nje."

Sbo:"Ngiyabonga ma"

MaSbo:"Umama uyakuthanda uyezwa"

Sbo:"Ngiyakuthanda nami ma."

MaSbo:"Lalake."

Asukume makafika emnyango

Sbo:"Mama isoka likaMihla leli elizame kungidlwengula la besihlezi khona , mangibaleka lo omunye abehlezi noNhloso kanti uzongilandela loyo ungithuse kakhulu ngoba isitho sakhe singithintile."

Akhale uSbongile abuyele emuva umawakhe amuthulise

MaSbo:"Ukuthintile ngesitho nje kepha azange asifake?"

Sbo:"Azange kodwa besekusele kanti ma, angikaze ngithuke kangaka ngibone lapho ukuthi izwi lomzali akumele ulidelele."

MaSbo:"Ungasazijezisi ngane yami lala sibonga uNkulunkulu othumele lo okusindisile."

Ahlale naye elokhu emunwaya ikhanda uyazi iyathanda indodakazi yakhe, agcine sekazumekile amumbese avale emnyango aphume. Uhamba uyadiyazela la endlini ayoziphosa esitulweni uvalo. Akhiphe ucingo lwakhe achofoze

"Hawu Yoliswa"

Yoliswa:"Unjani mmfowethu?"

Dumsane:"Ngiyaphila sesi"

Yoliswa:"USbongile ucishe wadlwengulwa izolo."

Dumsane:"Uthini, abekuphi?"

Yoliswa:"Eyyy indaba ende bhuti abehambe nabangani  nje angikholwa ukuthi uzoba kahle umntanami ngendlela angayo manje"

Dumsane:"Ohhhh Yoliswa ufuna ngize na?"

Yoliswa:"Ngifuna ukuletha uSbongile noma isonto elilodwa nje mangabe awunayo inkinga."

Dumsane:"Uyazi ngiyamuncanywa umshana wami ngeke ngibe nesmoko."

Yoliswa:"Ngizokushayela masesikhulumile ngosuku"

Dumsane:"Kulungile nawe ubekahle ngiyazi lesimo sikubuyisela emuva"

Yoliswa:"Kulungile ngiyabonga bhuti."

Ahambe ayobheka indodakazi yakhe ayifice ilele vithi abuyele emuva uvalo lusamshaya ngathi kukhona itshe esifubeni sakhe. Azibambe esifubeni ahlale kahle phansi  azame kuphefumula kunzima. Kube khona okokodayo uyezwa kepha kunzima lokusukuma, aqhubeke umuntu akokode kuze kuphume uSbongile egunjini lakhe.

Sbo:"Mama ukahle?"

Yoliswa:"Bheka ubani lo osemnyango."

Aye emnyango nawo uvulekile amangale uSbongile ngoba akufani nomawakhe lokhu uhlala eqophelele nawo uhlala ukhiyiwe.

Sbo:"Hawu sawu sawubona bhuti."

Amubuke

“Unjani?”

Sbo:”Ngiyaphila.”

“Ingabe ukhona umawakho?”

Sbo:”Eya ungangena.”

Angene amulandele la aya khona, uhamba uyathalaza mabavela kumawakhe amangale naye aze ahlale aqonde.

“Sawubona ma ngithunywe umama uthe uyangibiza.”

Yoliswa:”Ngikubiza ube ungubani?”

Sbo:”Ilobhuti ongisize izolo ma.”

Yoliswa:”Ohhhh ndodana ngena"

Asondele ahlale phansi uSnalo abuke umama kaSbongile.

Yoliswa:”Mntanami ngikubizele ukubonga ngokusindisa ingane yami angazi nje ngingabonga ngani.”

Sinalo:”Kubonga mina mama.”

Kundlule ugogo kaNhloso amemeze

Gogo:”Yimina bo makhelwane ngizokha amanzi"

Sbo:”Ngizaya kuyomsiza ma"

Yoliswa:”Cha angifuni nje udibane noNhloso ngizomusiza mina.”

Asukume aphume

Sinalo:”Uzizwa unjani namuhla?”

Sbo:”Ngikahle uvalo nje nokuthi angikhoni kungayicabangi.”

Sinalo:”Phephisa kuzondlula.”

Amubuke uSnalo phela akamunakanga izolo khani abona manje kuthi muhle noma akhuluma uvela isifaca esisodwa.

Sbo:”Ngingakuthelela kokuphuza?”

Sinalo:”Cha ngiyabonga, awungitshele ubuwenzani endaweni yokuphuza ngoba ngathi awuyijwayele lezo zinto noma uyakwazi ukufihla"

Sbo:”Ahhhh ukududana kwabangani nje bengiqala nokungena ngiyabona mangingabuyela ngeke ngiphunyuke ngoba kuqale isoka lomngani wami lo ongisize kuye owesibili.”

Sinalo:”Yoooooo ilento obuyigqokile nawe.”

Amubheke uSbongile ayengezele izinyembezi

Sbo:”Ufuna ukuthini kahle kahle umuntu wesifazane akumele agqoke into azizwa kahle kuyo noma ayithandayo. Uthi amadoda anelungelo lokudlwengula ngenxa yezimpahla abazigqokayo.”

Sinalo:”Cha ngiyaxolisa bengingaqondanga kanjalo ngiyabazonda nami abadlwenguli.”

Sbo:”Ngicela uhambe umama sekakubongile nami ngiyabonga.”

Sinalo:”Ngempela bengingaqondile kukhuluma kabi ukuthi ubuziveze wonke umzimba wakho usobala. Umuntu wesilisa akumele akubone unjalo ngaphandle komyeni wakho"

Sbo:”Haaa usaqhubeka"

Sinalo:”Usuzongivalelisela kumawakhoke.”

Sbo:”Hamba.”

Asukume uSinalo aqonde emnyango angakafiki ezwe uSbongile sekakhala ashayeke ajike. Sekangene egunjini avule umnyango aguqe phambi kombhede

Sinalo:”Ngiyaxolisa bengingaqondile sisi mina angisuye lowo muntu nginosesi wami omncane ngingabulala umuntu ongazama ukwenza lento.”

Sbo:”……..

Sinalo:”Ngikulethele amanzi?”

Sbo:”Amanzi ngeke asuse lento esemqondweni wami lento ecishe yangivelela yazi bengithukile kabhlungu ngibona ngathi ngizofa. Indoda ngiyayizonda ngempela.”

Sinalo:”Ngiyazwisisa kepha ngicela ungakhali umawakho uzothi sengikwenzeni xola.”

Athule angaphenduli ahlale lapho amubuke akhala uSbongile angazi noma amuthulise kepha makangamuthinta uyabona angathuka amemeze. Athuke sekungena umawakhe sekaphefumulela phezulu ngoba nakhu abasekho la abashiye khona. Adonse umoya kakhulu makabona ukuthi uSinalo uzihlelele phansi uSbongile uzigoqile embhedeni.

Yoliswa:”Kwenzenjani?”

Sinalo:”Besengilinde wena ma kuthi ngihambe ngibona ngathi ngisuke ngakhuluma kabi wase uyathinteka.”

Yoliswa:”Uyenzeni ingane yami?”

Snalo:”Ngisuke ngathi angaphinde agqoke lezinto bekazigqokile ngoba beziveza umzimba wakhe wonke abanye abantu besilisa abacabangi bavele bathatheke.”

Yoliswa:”Abegqokeni kanti, Sbongile.”

Sbo:”Ma"

Yoliswa:”Uphume la endlini ugqoke ijean ende yini le bosoyigqokile"

Sinalo:”Bekungamele ngikhulume ngiyaxolisa.”

Sbo:”Bengigqoke njengoNhloso ma.”

Athwale izandla umawakhe anikine ikhanda abheke uSinalo ososhalazelayo.

Sinalo:”Ngizohamba ma ngiyaxolisa futhi.”

Yoliswa:”Kulungile ndodana uhambe kahle.”

Sinalo:”Usale kahle sisi ngizobuya ngizokubona, ngiyaxolisa futhi.”

Angaphenduli uSbongile athule aphume egunjini uSnalo athathe bokhiye bemoto ahambe. Uyazisola ngalokhu akushilo noma ngabe bekakuqondile kepha abengakusho ngendlela ayichaze ngayo uSbongile noma azwisise ngayo.

Yoliswa:”Mawuzokhaliswa yikho konke okukhulunywayo ngibona kuncono uye kamalume wakho ngoba mina ngeke ngisabe ukukhuluma phela. Lento eshiwo ilomfana iliqiniso noma ngabe uyizwisise ngayiphi indlela. Umuntu wesifazane kumele awuhloniphe umzimba wakhe. Wena ungagqoka into eveza wonke umzimba wakho bese uya la ekuphuzwa khona ubucabangani.”

Sbo:”Sonke besigqoke kanjalo ma kungani basukele mina ngedwa?”

Yoliswa:”Wena uphume la wangiqambela amanga kumele ufunde ukungihlonipha, uyawubona nawe umzimba wakho unjani Sbongile. Abantu besilisa bayabuka kepha abakwazi ukuzibamba bonke.”

Athule uSbongile

Yoliswa:”Manje uzoyeka lokutefa into engapheli ngathi wonke umhlaba umile, azange bakudlwengule. Awuyazi inhlungu yokudlwengulwa wena awuyazi.”

Aphume uYoliswa nomshanelo wangaphandle ayoshanela ibala, nalo akalishaneli ngoba abehlelile, ulishanela azosusa lento esekhanda lakhe. USbongile naye avuke azilungise uyizwile lento ekhulunywa umawakhe…..

***ISIQEPHU 28***

***KWAMZOBE***

UMihla akajabulanga neze phakathi kuye ngokubona uNsizwa enjena kuye, noma uthukuthele ngempela kuthi walile kuchitha ubusuku naye. Usegunjini lakhe akafunanga nje usesi wakhe amucasule elokhu emubuza ngesoka lakhe. Unomona ngoba nali isoka linemali nalo njengo myeni wakhe.

Ngale endlini yokudlela uAmanda uhlezi nabazali bakhe

MaMzobe:"Wena ngikuthukuthelele ngalento owayenza ngosuku lomncwabo kababezala wakho."

Mzobe:"Ungazisile umawakho noma kuthi ngithathe imvubu manje ngikudwebe."

Amanda:"Ngaxolisa ma kumyeni wami sikahle manje."

MaMzobe:"Ukuxolisa akusebenzi Amanda uma into soyenzile wayikhuluma alukho uxolo oluyoke lusule leyonto. Ubozifundisa ukubamba ulwimi lwakho indoda iyakufuna ukuhlonishwa lento bazalwe nayo."

Mzobe:"Hawu nkosikazi kanti uyakwazi lokho nawe?"

MaMzobe:"Ngazini?"

Mzobe:"Ukuthi indoda idinga kuhlonishwa qha."

MaMzobe:"Hawu baba ngingabangaka ngingakwazo lokho."

Mzobe:"Ngiyabuza nje ngoba ngelinye ilanga ngiyaye ngisole ukuthi awulazi legama elithi nhlonipho endodeni. Manje uhlasela ingane yami seyishilo kuthi ixolisile kumyeni wayo."

Amoyizele uAmanda

MaMzobe:"Hawu baba nguwena ongijikela kanje phambi kwengane"

Mzobe:"Ishilo ingane kuthi sebalungisile hawu sthandwa sami umosha isikhathi khulula ingane ihambe iye kayo."

MaMzobe:"Ngahluleka baba mina ngigade kuthi uze nenduku uzomushaya."

Amanda:"Hawu mama kahle bo."

MaMzobe:"Ubaba wakho makanibona nje kuba yimina umuntu omubi abethe uzokubhaxabula nje manje nangu sekaluma uyapholisa sekuyimi uhlanya."

Bahleke uMzobe nendodakazi yakhe.

Amanda:"Baba ngempela?"

Mzobe:"Kungenzeka bekaphupha."

Basale bezixoxela okunye nje

Amanda:"Ifa lababa selifundiwe nami ungishiyele okuthile bengingacabangi yazi."

Mzobe:"Haaa bandla uNkosi abekukhonzile kakhulu futhi namanje angikholwa ukuthi weza la kwami wazoshelela indodanna yakhe."

Amanda:"Hayi baba thina sazikhulumela sisodwa uNathi wase utshela ubaba kuthi ufuna kulobola."

Ahleke umaMzobe

MaMzobe:"He hehehe awww zihlekele maMzobe."

Mzobe:"Anazi lutho nina anazi fokol, iqhawe leli elilele."

Amanda:"Ukhuluma ngani kanti baba?"

MaMzobe:"Phela ubabezala wakho wake wakulandela benonkosikazi wakhe baze babona la ekhaya. Kwathi ezinsukwini beza bakubeka kwacaca nje ukuthi indodana yabo ishiwa iskhathi abayiboni icaca manje bazoshela wena."

Amanda:"Njani ma?"

MaMzobe:"Makusuka lapho bakumema kulowa mcimbi weshishini labo owawusebusuku. Hawu kanti bazotshela indodana yabo kuthi ikuphelezele."

Amanda:"Ubaba wathula nje angikholwa phela ubaba abengayizwisisi indaba yamasoka?"

MaMzobe:"Ubaba wakho naye wawuthanda lomndeni kanye nomkhwenyane wavele wamuthanda aqala ukumubona."

Amanda:"Kungenzeka uNathi akangithandi ma manje sengiyakhathazeka."

MaMzobe:"Kahle ukuhlanya wena uyakuthanda umkhwenyane."

Mzobe:"Uzoxabanisa abantwana nawe ubabezala wakho wachaza ukuthi sekukaningi abona indodana yakhe ikubuka iyakuthanda kodwa  kunzima lokukhuluma."

Amanda:"Angikholwa ngiyaqala ukuyizwa lendaba."

Mzobe:"Nomkhwenyane akazi naye kepha umamezala wakho uyazi."

Amanda:"Ngizomubuza umama mangifika ekhaya."

Bahleke

MaMzobe:”Uyajabula wena unomamezala okuthandayo mina zazibuya ngiqeda kushada wuuuuu.”

Mzobe:”Ngangilamula njalo mangibuya emsebenzini sengifisa nokusebenza nasebusuku kuthi ngingezi ekhaya.”

Ahleke uAmanda kepha ulokhu ucabanga usesi wakhe omncane, uMihla uyamuhlonipha phela uyazibuza ukuthi kwenzenjani ngaye.

Mzobe:”Wena uzihlalela kamnandi?”

Amanda:”Umndeni womyeni wami bangabantu abazilungele ayikho yonke lento eyayikhulunywa abantu ukuthi bazenza ncono ngoba bacebile.”

MaMzobe:”Nalendodakazi yakhona enhle elungile yazi ukube nginendodana nami bengizothatha ubaba sihambe siyomushela kubazali bakhe.”

Amanda:”Muhle uCebile futhi ukuzithoba kwakhe yikona okwenza nalobuhle bugqame.”

Mzobe:”Umkhwenyane yena uzoza nini kuzosibona?”

Amanda:”Sekahlala ematasa selokhu ubaab ahambile nje, ngapha umndeni ufuna kumamma angenwe uButana.”

MaMzobe:”Hayibo umhlolo onje isenziwa leyonto kanti?”

Mzobe:”Mina ngazi kwenziwa uma umyeni eshiye izingane zisencane benzele kuthi uzingane zikhule zinobaba. Akukho swane lapha nje.”

Amanda:”Imali baba babona kahle ukuthi umama uzoshada nenye indoda badle imali yomfowabo.”

Kubekhona okokodayo asukume ayovula umnyango umaMzobe bamubone emoyizela bangakaboni nomuntu osemnyango.

“Sawubona ma.”

MaMzobe:”Hawu ngena mkhwenyana kunjani.”

Angene uNathi abingelele axhawule umukhwe wakhe ahlale phansi

Amanda:”Uzokwenzani?”

Mzobe:”Hawu Amanda uyeyisa wena.”

MamZobe:”Ngiyathemba lizosebenza ibhande manje.”

Mzobe:”Nami ngiyabona.”

Nathi:”Ngabe ungisizile baba uAmanda akezwa.”

Bayamubona uyazidlalela ngoba ukhuluma ngokumoyizela ubheke inkosikazi yakhe nabazali baka Amanda babukane.

Amanda:”Waze kanjani ukuthi ngila?”

Nathi:”Angizanga kuwe mina ngizobona abazali bami.”

Amanda:”Mxm ithi ngiyobona uMihla ngale usale nabazali bakho.”

Bahleke asukume abashiye aqonde egunjini likaMihla avule amufice alele kepha akazumekanga, avale umnyango angene. Aphenduke abheke ubani lowo uMihla bese uyafulathela futhi.

Amanda:”Mihla.”

Mihla:”Mmmm.”

Amanda:”Ukahle?”

Mihla:”Yebo.”

Amanda:”Mihla uyazi ngiwusesi wakho omdala ngeke ngikubuke mawungenzi kahle.”

Mihla:”Yini engingayenzanga kahle?”

Amanda:”Lomuntu othandana naye ngiyamazi ushade nenye intombazane ngangifunda nayo.”

Mihla:”Uyahlekisa bo nguwe wedwa okwaziyo lokho abanye abantu abakwazi.”

Amanda:”Abanye abantu abanandaba nawe kuthi bakubonise mina nginendaba ngiwusesi wakho.”

Mihla:”Amanda ngicela uyeke umona awufuni ukundlulwa wena, uyabona nje ukuthi mangingashada oNsizwa impilo yami izobangcono kuneyakho.”

Amanda:”Hawu Mihla ucabanga ukuthi mina ngingakuvalela impilo emnandi ngenxa yomona, bengingakufundisa Mihla ukube benginomona.”

Mihla:”Ufuna kuhlale kunjalo angithi kubukwe wena ulokhu ukhipha imali ngathi ubalulekile mina ngihlale ngokukhangeza.”

Amanda:”Mihla.”

Ubiza igama lakhe ngokukhulu ukumangala lokhu

Amanda:”Angazi kungani ungicabangela lokho kodwa ngifuna wazi ukuthi anginawo umona, makuthuthuka wena kuyoba injabulo nakimi. Uyazi uzongithola kuphi masofuna ukukhuluma nokulalel. “

Aphume uAmanda inhliziyo yakhe seyibuhlungu, ahlangatshezwe uhleko lwabazali bakhe kanye nomyeni wakhe naye afike ahlale celeni komyeni wakhe…..

***ISIQEPHU 29***

***KWANSIZWA***

UNsizwa makasuka khabo nkosikazi yakhe ubuyele kakhe wafike wahlala wazicabanga impilo yakhe. Uyamuthanda uDanisile noma bangalwa kanjani uyazi ukuthi inkosikazi yakhe imuthanda ngokweqiniso. Seziningi izinto amundlulise kuzo elokhi emubekezelela, mabaxabane abezihambela uDanisile aye kubazali bakhe okwanamuhla kumthusa kakhulu ngoba aye kubo, ushiye nemoto. Ahlale azicabange uNsizwa elokhu ephazanyiswa  ucingo lwaMihla. Yena makashayela inkosikazi yakhe ayibambe alokhu ezula zula endlini lukhale futhi ucingo makabheka uNhloso. Anikine ikhanda alubambe.

Nsizwa:"Yaa."

Nhloso:"Kunini ngikulindile uthe uzongilanga sekuze kundlule ihora lonke awungishayeli."

Nsizwa:"Eish saan ngikhohliwe yazi."

Nhloso:"Ismoko unoMihla?"

Nsizwa:"Cha ngikhawathekile nje."

Nhloso:"Sisahamba kodwa? Ngifuna kuzizwa nje ngayizolo."

Nsizwa:"Hhayi namuhla angimnandanga."

Nhloso:"Manje ngizenzenjani mina ngoba ngazi kuthi ngiyaphuma come on man, namanje im horny as hell."

Nsizwa:"Ngelinye ilanga."

Nhloso:"Mxm voetsek ucabanga ukuthi ubalulekile."

Aluvale uNhloso asale amangele aze ahleke lentombazane ayincengi, kungene umlayezo aluthathe agijima ucingo uzitshela ukuthi umkakhe. Isithombe asivule uNhloso umuthumelele ivideo yakhe azidlalisa. Ayibuke uNsizwa uqale ngokuzikhumula amakinobho ehembe asaligqokile angaqhubeki wavele waziveza phansi ugqoke ig string emnyama. Uzibamba phezu kwalo iphenti athatheke uNsizwa aze ahlale kahle ayamele ngoba afuna ukubona kahle. Azifake isandla phakathi kwephenti azishikishe azilume udebe lwakhe lwangaphansi uNsizwa. Masekazizwa naye ukuthi uthathekile ulinde kuchama sekaze uzibambile iphele ivideo.

Asukume azame kuziba lento ayibonile aphuze amanzi asuke akhuphuke ashintshe ngokushesha  abuye athathe ukhiye wemoto ahambe. Afike khabo Nhloso amushayele

angababambi, kuze kube kaningi lutho ukubamba. Ngenxa yalemizwa emuphethe ashayele uMihla phela uyazizwa ngeke akhone ukulala anje alubambe ngokushesha uMihla.

Mihla:”Baby ohhh ngiyabonga ungiphendulile ngiyaxolisa ngempela.”

Nsizwa:”Ngoba uxolisa namuhla ungeza uzoba nami busuku bonke ngikukhumbulile"

Kuthuleke kancane

Mihla:”Yazini woza ngizokulinda.”

Nsizwa:”Shesha ngoba ngisekhoneni.”

Abheke khabo Nhloso okokugcina asuse imoto futhi amangale makafika ngakhabo Mihla sekamulindile vele. Angene emotweni

Nsizwa:”Usheshile.”

Mihla:”Ngibone ithuba lokuphuma kube ngiliyekile bengeke ngisakhona ukuphuma, ngiyabonga sthandwa sami ngokuza.”

Nsizwa:”Aslong uzongithembisa ukunginelisa.”

Mihla:”Ngizokwenza okufunayo.”

Ayishayele aye kwakhe uNsizwa bangene angakangeni nakahle uMihla amudonse amuqabule. Baphushane bayowa esofeni akakhanyisana uNsizwa ufuna lokhu akufunayo. Baqabulane angaziniki isikhathi esanele sokujabulisa uMihla avele amukhumule.

Mihla:”Udlame olungaka.”

Nsizwa:”Kusukela izolo ngikufuna lamathanga ami lawa eish.”

Mihla:”Sengikhona.”

Nsizwa:”Ubusuku bonke futhi?”

Mihla:”Nakanjani.”

Amuqabule futhi manje azame  kungabi nodlame ekhanda lakhe kufike lento beyenziwa uNhloso kulevideo amuthumelele yona. Amukhumuluse lebhlukwe aligqokile iphenti ahluleke kulikhipha alichelise kancane azame kumumanzisa amudlalise aze abe manzi kancane kodwa. Aphakame kuthi amungene makakhala uMihla yena aqume

Nsizwa:”Aouch Mihla uvaleke kamnandi.”

Angene aze aphelele aqale amufende lukhale ucingo angalunaki noma ezwe lukhala sekagxile kuMihla.

Nsizwa:”Ungangigangeli yezwa.”

Mihla:”Ngeke.”

Baqbubeke nokuganga kwabo masekezwa ubumnandi uMihla achame uNsizwa, bahlale kancane kusofa.

Nsizwa:”Ngiyazi awunelanga besengikuhalele kakhulu.”

Mihla:”Ubona kanjani?”

Nsizwa:”Sengikufundile indlela oba ngayo.”

Mihla:”Umuzi wakho lo?”

Nsizwa:”Yebo.”

Mihla:”Yazi usesi wami ukubonile mawungishiya ekhaya.”

Nsizwa:”Kubekhona inkinga manje?”

Mihla:”Cha uthe ushadile wena.”

Nsizwa:”Umndeni wakho uthanda izindaba zabantu kanti?”

Asukume uNsizwa aye ekhishini enqunu enjalo avule abangakudla akunalutho nje konke okukhona kudinga ukuphekwa.

Mihla:”Kungenzeka abekufanisa.”

Nsizwa:”Ipunani yakho ingilambisile.”

Mihla:”Hayibo ikulambisa njani?”

Nsizwa:”Kuyasetshenzwa phela akudlali kufenda.”

Mihla:”Ufuna ngikuphekele mangabe kukhona.”

Nsizwa:”Asambe siyokuthenga ngilambe kakhulu.”

Mihla:”Ngicela kuzisula kancane.”

Nsizwa:”Kahle bo usulani, futhi gqoka iphenti lodwa.”

Agqoke uMihla akamuphikisi uNsizwa agqoke nebra asondele kuye uNsizwa amushaye ezinqe.

Nsizwa:”Yerrrr ngingamisa imoto eceleni ngeke gqoka awubuke nje ume kahle njani.”

Mihla:”Ngiyabonga.”

Nsizwa:”Ngiyabuya.”

Akhuphuke aye egunjini lakhe akhiphe isikibha esisodwa esimhlophe abuye amunike.

Nsizwa:”Gqoka lokhu uyangichaza umzimba wakho ngathi ngingahlala ngiwubhekile.”

Mihla:”Ngathi ngizohlala ngihanjiswa nqunu nje.”

Nsizwa:”Uma unami vele kuzokwenzeka lokho.”

Athathe ucingo lwakhe alubheke uNhloso bekamushayela ushiye nomlayezo.

Nhloso:”Ufuna kuncengwa uzozisola.”

Bahambe uMihla sekaxolile naye kulovalo belumphethe kuthi uzolahlwa, uNsizwa ulokhu uyamubuka abuye acabange inkosikazi yakhe. Kudala ashintsha amantombazane kepha uMihla uhlukile akusiye umuntu okwazi ukwenza ucansi kodwa makanaye uyanela ngendlela engachazeki. KuNhloso uchazwe ukuphapha kwakhe nokukhululeka. Umenzele izitayela ezimangazayo kanti noma amuthinta kuyezwakala ukuthi uyakwazi akwenzayo kepha makangena kuye uye waphoxeka kodwa kuMihla uyabambeka noma aphakathi.

Mihla:”Ucabanga ini walokhu ungibuka.”

Nsizwa:”Yazi ngize kuwe ngithi ngizokudla bese ngiyakushiya kodwa akusenjalo ngathi ngikuthanda ngempela manje. Buka nje namanje nginjani konke okwakho kushelela nje mawungibuka ngiyakuhalela noma sengizwa iphimbo lakho ocingweni hhayi ngiyabulaleka.”

Mihla:”Waze wangithusa mawuthi ubundlula, unesiqiniseko kuthi uyangithanda manje?”

Nsizwa:”Iqiniso leli engikutshela lona sdudula sami.”

Ahleke uMihla

Mihla:”Angisiso isdudula hawu anginazinqe.”

Nsizwa:”Buka lethanga ungalinge ube nesoka yezwa ngoba ngizokubulala.”

Mihla:”Kahle udlala kabi.”

Nsizwa:”Angidlali bazocula amagugu kini akusekho muntu okumele angene la.”

Ahambise isandla esisodwa ethangeni asikhuphule aze afike kwipunani, ahlanganise amathanga uMihla isandla sivaleleke phakathi.

Nsizwa:”Kushisa kamnandi la.”

Bafike la abathenga khona ku drive thru bathenge uMihla abe namahloni ngalesandla esikuye ngoba lo abakhokha kuye uyabona phakathi emotweni. Azame kusisusa asiqinise uNsizwa baqede bahambe.

Mihla:”Waze wangifakela amahloni awukhiphanga ngani isandla.”

Nsizwa:”Ngithinte ukudla kwami nje.”

Ubusuku bonke kube munandi phakathi kwabo baxoxe bahleke, uNsizwa abezibonela isilima kuMihla kodwa mabaxoxa uyabonakala ukuthi ukhulile emqondweni naye azizwe

ekhohlwa kancane izinkinga zakhe nenkosikazi yakhe. Balale egunjini lomkakhe nakhona benze wonke umhlolo lo aze amuhambise ekuseni.

Nsizwa:"Ngibe nobusuku obumnandi sdudula sami ngiyabonga."

Mihla:"Kubonga mina kodwa manje sekuyimi nomama ngeke angiyeke ngokungalali ekhaya"

Nsizwa:"Kumele bamukele usukhulile manje."

Mihla:"Angikholwa bayoke bakwenze lokho."

Baqabulane  amudonse uMihla kuthi bahambe..

Mihla:"Indlela ongibuka ngayo cha asihambe uzaze ungiphinde."

Nsizwa:"Kuzobe kunenkinga na masiphinda?"

Mihla:"Kuyababa la kimi yoooo kahleni."

Nsizwa:"Imnandi kabi mayivuvukile awazi wena."

Baphume bayongena emotweni bahambe nala emgwaqeni nje benza amahlaya bayahleka. Mabafika nje khabo Mihla nangu uNhloso naye ayibuke imoto uNsizwa anikine ikhanda.

Nsizwa:"Ungakhohlwa kuthi ngiyakuthanda futhi ungavumeli abantu abanomona basihlukanise."

Mihla:"Ngiyakuthanda nami, khululeka akukho muntu ozongena phakathi kwethu."

Abone lapho ukuthi noma angathini kuye uNhloso angeke amukholwe, uchazwa ilokumuthemba kuMihla kanti inkosikazi yakhe ibingasamuthembi ahlala amubuza izinto eziningi. Acasuke uNhloso ababone noma beqabulana ehlike uMihla ngenkulu injabulo.

Mihla:"Ungenile endlini?"

Nhloso:"Ngiyafika nje, wena awulelanga endlini?"

Mihla:"Well ufikile usthandwa angilambele ngenye indlela nami azange ngisazibambezela."

Beme esangweni adineke uNhloso avalelise ahambe uMihla angene endlini angamunaki umawakhe ngoba ubabonile beme esangweni noNhloso uzitshela ukuthi uphume manje ekuseni……

***ISIQEPHU 30***

***LWAZI***

Isekuseni uLwazi avuke azilungise nje ngasemuhleni aye endlini ukuyolungisa ukudla afice usesi wakhe ematasa. Amubuke uLwazi uyazama kubuyiselana nobaba wabo.

Lwazi:”Sawubona.”

Danisile:”Hey ulele njani?”

Lwazi:”Angilalanga yazi namuhla kukhona okungilindile okunzinyana.”

Danisile:”Emsebenzini?”

Lwazi:”Cha okwami.”

Dani:”Ohhhhh ubhutiza usenezinto ezipersonal ingabe kumayelana nalesiphalaphala esakulanda la ekuseni?”

Amoyizele uLwazi makacabanga uAngel wakhe abuye azikhuze phela uyobona uCebile namuhla.

Dani:”Uqeda kubhlasha Lwazi ubani lomntwana?”

Lwazi:”Yazi ngisenkingeni ngiyayithanda lentombazane beyila ekuseni kodwa inhliziyo yami ilangazelela omunye futhi.”

Dani:”Ubani lowo?”

Amuxoxele ngentombazane eyamudelela yaze yaphusha umawabo wamunika inombolo kaCebile manje sekayamuthanda. Amangale uDanisile abheke umfowabo

Dani:”Manje uxolela ukuyeka lo osemehlweni akho omubonayo oyilento efunwa yiwo wonke owesilisa. Ufuna kuya kongamazi mhlawumbe udlala ngawe nje ungugogo omdala.”

Lwazi:”Phela iphimbo laCebile uthobile lo mntwana uyezwakala noma ekhuluma uyahlonipha.”

Dani:”Mina nje ngosesi wakho omdala khuluma noAngel ngoba noma ungabonana naloCebile uzolokhu ubona uAngel emsebenzini uze wenze into ebheke eceleni. Nakhu uthi seniqabulene uyayazi into yokutshontshwa injani. Niqabulene kancane nizobuyela niqabulane isikhathi eside kunasekuqaleni okulandela lapho ngiyakusaba. Ngaleso sikhathi kukhona uCebile endlini sowenze akuthande naye.”

Lwazi:”Kunento eyenza ngifune kuhlangana naye ithi ngimubone bese ngithatha isinqumo.”

Dani:”Ngiyazi wena uzomuphatha kahle ngiyathemba ngeke adlale ngawe ubaba angafa akafuni ngawe”

Makakhuluma ngobaba wabo uyengezela izinyembezi

Lwazi:”Dani wamosha mawuhamba la ubaba akakuzondi ukuthi lezinto owazikhuluma kwaba nzima kuthi akholwe ziphuma emlonyeni wengane yakhe. Ukukuyeka uvakashe kubonisa kona ukuthi akakuzondi.”

Dani:”Nginamahloni nami yonke lento ubaba athi izokwenzeka emshadweni wami iyenzekile ngiyafisa kuthi kube ngamulalela.”

Lwazi:”Nizolungisa futhi ungakhali umshado unjalo.”

Dani:”Angisafuni ukubuyela mina kulomshado, konke ngikushiyile ngisho namakhadi akhe angifuni lutho. Manje ngizifunela uxolo lwababa nje ngizobona ukuthi ngizilungisa ngiqala kuphi.”

Lwazi:”Uxolisile  yini ngoba uthi ulinde uxolo lwakhe?”

Dani:”Ngiyasaba ngempela.”

Lwazi:”Nguwena owamosha kumele kube nguwena othatha isinyathelo sokuqala futhi, ithi ngihambe ngifuna kulungisa ngokushesha emsebenzini ngizophuma ngokushesha.”

Dani:”Mmmmm uzobona ukoti.”

Lwazi:”Nakanjani.”

Adle aqede bese uyobheka abazali bakhe egunjini akufani nabo kulala kuze kube yilesikhathi akokode kabili

MaKhoza:”Ubani?”

Lwazi:”Yimina ma.”

Khoza:”Ufunani Lwazi?”

Lwazi:”Ngizonibheka ngoba anikavuki.”

Khoza:”Hayisuka hamba maaan nxxx.”

Amoyizele uLwazi ahambe  avalelise nosesi wakhe angene emotweni aqale ngokushayela inombolo kaCebile. Ikhale ize ithule makathi uyayiphinda futhi kukhale olwakhe ucingo amoyizele makabona ukuthi ubani omushayelayo.

Lwazi:”Nkosazana.”

Cebile:”Ngithukile.”

Lwazi:”Uthuswa yini?”

Cebile:”Kukubona.”

Lwazi:”Nami ngithukile kodwa ngijabulile futhi ngicela ungashintshi umqondo ngiyakucela.”

Cebile:”Ngeke ngiwushintshe ngiyathemba nje bazongivumela emsebenzini.”

Lwazi:”Ngikucebise ukuthi uqambe amanga uthini ungayi nhlobo emsebenzini mina ngifuna kukubona manje bandla yazi ihora lesithathu likude.”

Cebile:”Kahle bo angikwazi kungayi nhlobo ngiyafuna ukuya.”

Lwazi:”Asibeke ihora lokuqalake ngiyakucela nkosazana.”

Cebile:”Ngizothi ngiya kuphi?”

Lwazi:”Batshele ukuthi unephoyinti nodokotela ubusukhohliwe kwamele uye ngempela noma ngabe kuthiwa unenhliziyo embi umphathi wakho leyo ngeke ayinqabe.”

Adonse umoya uCebile

Cebile:”Kulungile ngo 1.”

Lwazi:”Ngo 1 nkosazana.”

Bavalelisane aqhubeke nohambo lwakhe uLwazi uyaya nje emsebenzini kodwa kube kuya ngaye kube akayi nhlobo…..

***__CEBILE__***

Makaqeda ukukhuluma nnomngani wakhe wasocingweni uCebile acabange izinto afuna ukuzenza, ikhanda ukuzilungisa nje konke abone ukuthi ngeke asibambe isikhathi. Asacabanganje kungene uSinalo sekaqedile ulungele ukuhamba

Sinalo:”Asambe.”

Cebile:”Ngifuna ukuya esalon manje angazi ngizothini emsebenzini.”

Sinalo:”Bashayele ubatshele ukuthi uyagula angithi.”

Cebile:”Wena ukujwayele ukuqamba amanga phela mina angifani nawe.”

Sinalo:”Usaya ukuyobona lo mistry man wakho noma?”

Cebile:”Ngisaya kodwa sesizobonana ngo1.”

Sinalo:”Izinto enizenzayo Cebi  manje uyolungisela yena izinwele?”

Cebi:”Bengizoya namuhla vele.”

Sinalo:”Ngifuna ukuyibona le, angiyi eskoleni namuhla.”

Cebi:”Wena uzongixabanisa nobhuti ulovelani.”

Sinalo:”Assignment yami ngiyimukise izolo namuhla anginalo iclass, yazini ithi ngikumukise esalon bese ngiya emsebenzini wakho ngiyokubikela ukuthi ngeke ukhone ukuza.”

Cebi:”Isizathu?”

Sinalo:”Mangingasisho ngeke babuze.”

Bazilungise baphume konke lokhu baxoxa umawabo ubalalele uze azikhumbule mhla eqala ukuthandana noMondli wakhe. Mabafika esalon ehlike uCebile

Sinalo:”Ngilanda ubabomdala ngizokuthatha mangibuya.”

Cebi:”Ungihlole kuqala mangisheshe ngaqeda ngizozihambela.”

Bahlukane afike akhombe afuna ukukwenza ekhanda bamulungise naye mayelokhu ezibuka uzibona muhle. Uphinde azihleke kuthi uzilungisela umuntu angamazi, ashayele uMihla ucingo.

Cebi:”Ungahleki ne.”

Mihla:”Ngiyaxolisa makuhlekisa ngizohleka mina.”

Cebi:”Konje unjalo wena.”

Mihla:”Iza nazo.”

Cebile:”Namuhla ngiyobonana nalomalahle wakho.”

Agegetheke uMihla aze ahisheke ngoba bekadla.

Mihla:”Ungisize ungagqoki into emhlophe ngoba uzobuya ubhondo ngenxa yamalahle.”

Cebi:”Uyakwazi ukuswabisa umuntu yazi.”

Mihla:”Kuncono ngoba ngakutshela mina iqiniso, zijolele sesi ngomalahle wakho angikubangisi.”

Cebi:”Kulungileke wena unyamalele kulamalanga zikhiphani?”

Mihla:”Angazi ngiqale kuphi yazi bona kumele sibonane ngizokuxoxela kahle.”

Cebi:”Kulungile nini mhlawumbe?”

Mihla:”Ngizokhuluma nomuntu wami kuqala ngizwe ukuthi ngeke angifune ngaluphi usuku bese ngibuya kuwe.”

Cebi:”Hayibo usunomuntu?”

Mihla:”Sizoyixoxa masibonana wena usemsindweni ukuphi?”

Cebi:”Ngisesalon.”

Ahleke futhi uMihla

Mihla:”Umoshelani imali kodwa Cebile ngoba kube uvuke wazithatha kuyobona lomuntu uzoswaba ngiyakutshela. Umalahle uzokupantshisa ngiyakutshela uzozisola.”

Cebi:”Kanti unjani mawungiqeda ithemba kangaka.”

Mihla:”Ngikutshela iqiniso.”

Cebi:”Kulungile izobonana.”

Aluvale ucingo uMihla elokhu ehleka makacabanga lomuntu ahlangana naye noCebi ufisa nokubabona mabahlangana inkosi impela….

***ISIQEPHU 31***

***SINALO***

USinalo makaqeda kushiya usesi wakhe esalon aye emsebenzini wakhe amangale izindlu sezibhidliziwe. Asondele ehhovisi akokode kuphendule umuntu phakathi kuthi angene. Afice uLwazi noSbusiso, Siza kanye noSiyabonga.

Sonalo:"Sanibonani."

Lwazi:"Unjani ndoda."

Sinalo:"Ngiyaphila bhuti ngizobikela uSesi wami uAngel kuthi ngeke akhone ukuza emsebenzini namuhla."

Siza:"Yena akakwazi kuzibikela kungani athumela."

Amubheke kabi uSinalo abuye abheke uLwazi.

Lwazi:"Inkinga ikuphi?"

Sinalo:"Akalalanga abehlushwa isisu size samuyisa esibhedlela kepha sabuya naye udokotela umunike okuthile uthe akakuphuze aphumule namuhla kuphela, kusasa ngiyacabanga uzokuza."

Siza:"Nithe uzofika uprofessional ingabe yikona ukubaprofessional umuntu makagula uza nencwadi."

Sinalo:"Bhuti angazi noma ungizwile na, ngizohamba ngizaze ngikhulume kabi."

Lwazi:"Ngikuzwile ndoda ngiyabonga ngokuzongazisa."

Sbu:"Ngicela umutshele abe kahle."

Sinalo:"Sho ngizomutshela nisale kahle."

Aziphumele kepha sekacasulwe ukuphapha kwalentombazane noma angayazi, mhlawumbe iphethe la yingakho idelela nje. Amusendele ucingo kuthi sekamubikele ashayele aze afike kwababomdala wakhe. Uyengezela izinyembezi ngokubuka nje lendawo ahlala kuyo ngisho nesimo. Angene akokode aze azame kuvula kungavuleki khani abona kuthi kulenga ingidi. Akhiphe ucingo amushayele lungangeni abone itshe phasi kwesihlahla athi uyohlala khona aqhamuke ubabMongezi azisula umjuluko ngedukwana lakhe elihlala ekhikhini. Muhle ubabMongezi uyabonakala ukuthi kwakuyinsizwa ngezinkathi zakhe.

Mongezi:"Hawu ndodana kudala ufikile?"

Sinalo:"Cha ngiyangena nje."

Baxhawulane amoyizele uSinalo

Mongezi:”Ngiyaxolisa kukulindisa.”

Sinalk:”Khululeka baba usulungele kuhamba?”

BabMongezi:”Umawakho akanayo inkinga kodwa ndodana?”

Sinalo:”Akanayo wonke umndeni baba ukulindele umama nosisAmanda bakulungisele nalendlu engaphandle kodwa namuhla uzolala endlini nathi.”

Mongezi:”Eskoleni kungani ungayanga?”

Sinalo:”Ngiyakubona sofuna ukungifaka ibhande futhi nje ngalenkathi ngidojile manje ngeke ungibambe  angisasinguye umfanyana.”

Mongezi:”Eyyy wena ubuhlupha maan.”

Sinalo:”Namuhla anginalo iclass baba thatha izinto zakho sihambe.”

BabMongezi:”Kunabantu okumele bazothatha lezimpahla la namanje bengithi ngiyobheka bona ngoba ngibona isikhathi.”

Sinalo:”Ubatholile?”

BabMongezi:”Angifikanga nakuphi angithi  ngibone imoto yakho.”

Avule umnyango vele sekaqoqile konke isikhwama sakhe esisodwa sisemnyango kanye nepotimende (briefcase) akuthathe uSinalo ayokufaka emotweni. Kuqhamuke iveni uSinalo asuse imoto esangweni kuthi ingene. Balayishe konke kusale kungenalutho omunye ubaba asondele kubo.

“Hawu Siwela ngiyabonga kakhulu ndoda yamadoda ngiswele imilomo eyizinkulungwane.”

BabMongezi:”Kudala siphilisana bafo nami ngiyabonga.”

“Manje amasenke uyawathengisa?”

BabMongezi:”Lutho akekho umuntu engingamunika wona aphelile.”

“Ngingawathatha kanye nalendawo?”

Abheke uSinalo uMongezi ngoba akazi ukuyohlala kwamfowabo kuze kube nini.”

Sinalo:”Akasabuyi ubaba kulendawo ungayithatha baba.”

BabMongezi:”Ndodana.”

Sinalo:”Makungahlaleki  baba ekhaya ngizokutholela enye indawo.”

Baxhawule umngani ka babMongezi bayongena emotweni bahambe ubabMongezi ulokhu edonsa umoya.

Sinalo:”Ukahle babomkhulu?”

BabMongezi:”Angazi ndodana ukuthi bengingafuni kukuphoxa kahle kahle angifuni kuhlala nani.”

Sinalo:”Ngeke sikuphoqe baba kepha ngicela ube duze nathi okungenani uze ukwazi ukungaphuzi.”

BabMongezi:”Anginayo inkinga yokuphuza ndodana mangingafuni ukuphuza ngiyakhona kungaphuzi.”

Sinalo:”Pho uphuziswa yini kangaka?”

BabMongezi:”Izinkinga zokukhula nje ndodana, ngitshele wena ushada nini?”

Sinalo:”Haaaa baba mina angifuni kushada.”

BabMongezi:”Ukuthi awukamubona ozokuthinta inhliziyo.”

Sinalo:”Inhliziyo ithinteka kanjani baba?”

BabMongezi:”Uzozizwela wena.”

Sinalo:”Manje wena babomkhulu kusho ukuthi ayikaze eyakho ithinteke?”

BabMongezi:”Yathinteka kepha wazishonela lowo emva kwakhe yathinteka futhi ngathatha isikhathi sami sokuzibika kuye baze bangihambela phambili washada..”

Kukhale ucingo lwaSinalo aluphendule akhulume kancane

Sinalo:”Soqedile?”

……….

Sinalo:”Ngilinde ngijika la ekhoneni.”

Aluvale

Sinalo:”UCebile lo ula esalon.”

BabMongezi:”Naye akayanga eskolweni?”

Sinalo:”Uyaqeda uCebile kulonyaka manje abasafundi benza amapracticals.”

BabMongezi:”Uyabona ngalokudlala kwakho uze uqedelwa usesi wakho omncane, hhayi uyabheda wena mfana maan.”

Sinalo:”Ubaba angithi wangiphoqa kuthi ngiye enyuvesi yobudokotela mina ngizithandela umculo.”

BabMongezi:”Ngiyazi wangitshela uMondli umculo ngeke ukwenzele fokol.”

Sinalo:”Manje ithalente lami kumele liphele kanjalo ngoba ubaba wami akalithandi?”

BabMongezi:”Funda ndodana bese wenza lomculo wakho kuncono ngoba noma kungenzeka okuthile emculweni kukhona ipheshana ozobe unalo iziqu.”

Sinalo:”Ngiyakuzwa baba, nangu la asilinde khona.”

Amoyizele,uMongezi

BabMongezi:”Ulovele ukuzenza muhle kanje?”

Ahleke uSinalo amise imoto agibele uCebi ajabule abona ubabomkhulu wakhe

Cebile:”Haaaaa sawubona baba.”

BabMongezi:”Unjani nana?”

Ahleke uSinalo

Cebi:”Uhlekani wena? Ngiyaphila baba wena?”

BabMongezi:”Ngiyaphila nana.”

Cebi:”Ubaba ngathi akajabule nje?”

BabMongezi:”Ngikahle sesi ungakhathazeki, manje wena ulove enyuvesi kuthi uzozishuna ngoba?”

Sinalo:”Uyobona isoka lo.”

Amangale ubabMongezi uCebile abuke umfowabo esibukweni ngoba uhlezi ngemuva naye amubuke.

Sinalo:”Ngiyazidlalela babomdala.”

BabMongezi:”Besengidumala kusamele ufeze amaphupho akho kuqala ukhohlwe amaosoka.”

Ashawe luvalo kancane Cebile kepha aluzibe, kungene umlayezo awufunde.

Lwazi:”Yazi akusebenzeki ngempela nalo1 ngathi sekasekudeni manje.*

Cebi:*Zibambe hawu.*

Lwazi:”Mina uzongifica sengikulindile enkundleni yakho awu ngeke phela.*

Amuthumelele ubuso obuhlekayo, bafike kwaNkosi bazithele kumaNkosi noAmanda bangaphandle. UCebile angene endlini ngokushesha basabuke ubabMongezi

BabMongezi:”Ninjani sisi nawe makoti.”

Amoyizele umaNkosi

MaNkosi:”Siyaphila bhuti singezwa nina.”

BabMongezi:”Akukho lutho sesi ngiyancenga.”

MaNkosi:”Ngena baba uzothola okuya ethunjini.”

BabMongezi:”Cha sisi ngiyabonga umusa wakho angifuni ukuba wuhlupho nje.”

MaNkosi:”Uhlupho lwakuphi phela mina kumele ngikubonge impilo yami yonke, wangikhuliseka umyeni futhi wamufaka endleleni wamisa eyakho impilo.”

USinalo ubagqolozele emehlweni njengoba bakhuluma akafuni nje kubekhona okuncane okuzokwenza ubabomdala wakhe azizwe amncane. Umawakhe makakhuluma ngobaba wabo amubone ukuthi uphatheka kabi ubabMongezi. Uyalibona uthando abenalo kubaba wakhe naye uyafisa ukuthi bathandane ngalohlobo nezingane zakubo. Abone nobuhlungu emehlweni akhe makuphathwa igama lomfowabo, uSinalo alande izikhwama

Sinalo:”Kuvuliwe ma kulendlu?”

MaNkosi:”Kuvuliwe ukhiyo ukuAmanda besilungisa futhi.”

Abashiye uSinalo afike azibeke lezikhwama aneliseke futhi ngendlela abalungise ngayo kuhle baze bamufakela nosofa, nekasi lokubandisa elincane afike abeke kukhona nomabonakude. Abuyele ngaphandle aphambane nobabMongezi sekazongena endlini naye. Ayibuke uMongezi aneliseke kodwa akakhulekanga ngokugcwele ngoba akazifuni akulamagceke omfowabo…

## ***ISIQEPHU 32***

## ***LWAZI***

ULwazi makaqeda ngomhlangano azame ukusebenza kodwa  sekuyala, aphumele ngaphandle abheke lezisebenzi zakhe. Kuqhamuke uSizakele  amubheke ngoba kumele ngabe sekangale la kwakhiwa khona ezinye benoSiyabonga.

Siza:”Mnumzane"

Aphenduke amubuke

Siza:”Ngicela ukubuya ngapha yazi ngale akusebenzeki.”

Lwazi:”Kungani kungasebenzeki ngoba la ekunabantu khona yila ekunomsebenzi, mawuza ngapha uzokwenzani uzoshanela lezibi zezitini?”

Siza:”Sengajwayela ukuba duze nawe Lwazi ngale ngiyakukhumbula.”

Lwazi:”Uqondeni ngalokho?”

Siza:”Kusho ukuthi awuboni yonke leminyaka Lwazi kuthi ngiyakuthanda..’

Ahlahle amehlo uLwazi

Lwazi:”Sizakele ngiyaxolisa mina ngikubona nje ngesisebenzi sami.”

Siza:”Ngeke uvume nokuthi sizame kancane nje masihluleka ngizokuyeka.”

Ukhuluma uyasondela uSiza amoyizele amubambe ngesandla esisodwa amubuke uLwazi.

Lwazi:”Yazi Siza yekela lento ukube kukhona engikuzwayo ngawe ngabe kudala ngazibika kuwe. Ngiyathemba ekokugcina sikhuluma ngalento.”

Siza:”Uzongithanda isikhathi masilokhu sihamba uzobona inhlobo engiyiyo ngiyacela.”

Lwazi:”Nginomuntu engithandana naye Siza.”

Siza:”Ukhuluma ngoAngel ngiyazi lentombazane ifika manje nje wena sobone intombi kuwe ngiyazwisisa ungumuntu wesilisa ulula, nguyena okusejuzile ngiyazi.”

Kungene umlayezo ocingweni lwaLwazi alukhiphe

Cebi:”Lets do this kuzondlula ngoba ngizohlanya ngiyabona ubuqinsile lisekudeni ihora lokuqala.*

Achofoze ucingo lwakhe ashayele uSiyabonga

Lwazi:”Siya.”

Asuke kuSizakele sekamukhohliwe nje ayongena ehhovisi lakhe aqoqe okumele ahambe nakho elokhu ekhuluma.

Siya:”Boss.”

Lwazi:”Ngiyahamba manje ngiyalikhiya ihhovisi kukhona ozokudinga?”

Siya:”Ahhhhm cha akukho.”

Lwazi:”Kulungile ngesikhathi sokudla uze ngapha uzophosa iso kusasa lonke locucuva mele lube seluphelile.”

Siya:”Ngizoza manje nje kodwa uSiza angimuboni ingabe sekashayisile ngoba ngimubone ngathi akaphilanga kahle.”

LwZi:”Loyo uzomuphelela umsebenzi kungekudala nje ngoba sekaphethe omunye umqondo. Sengihambileke ndoda ungakhohlwa kuzobheka.”

Aluvale aqede kuthatha izinto zakhe akhiye ehhovi aqonde emotweni amubuke uSiza la amushiye khona  usamile. Asuse imoto ashayele umngani wakhe

Lwazi:”Ngizobe ngisenkundleni withini an hour.”

Cebi:”Kulungile ngizozwa ngawe mawufika.”

Lwazi:”Ngijabulile nkosazana.”

Cebi:”Mina nginovalo usakhumbula angithi angihambi ngedwa.”

Lwazi:”Noma ungeza nabobonke bomakhelwane bakho uma nje wena uzobe ukhona ngibone wena nkosazana yami.”

Bavalelisane uLwazi makafika kubo ayozisula ngokushesha agqoke ibhlukwe elifushane kanye nesikibha esimhlophe, aphume makafika emotweni azibuke ajike agqoke ujean omude. Aphume azithele kubaba wakhe

Khoza:”Ekuseni nje wazogqoka ezinye izimpahla emsebenzini.”

Lwazi:”Ekuseni ungixoshile baba ungangikhulumisi.”

Ahleke ubaba wakhe

Khoza:”Kahle wena ungasuka le uzongiphazamisa nginenkosikazi yami uzenza ingane ngizokushaya waphinda futhi.”

Lwazi:”Baba kanti awuguli na?”

Khoza:”Uyabheda mfana noma kungenzekani ekugcineni ngiyindoda.”

Agegetheke uLwazi aqonde emotweni yakhe agibele kwi jaguar yakhe ayikhiphe

Khoza:”Hhey wena mfana uyaphi ngalemoto ngoba awufuni ngayo nje?”

Lwazi:”Ngilanda umama wezingane zami baba.”

Khoza:”Ndodana ngiyathemba ukhuluma ngoAngel.”

Lwazi:”Cha kepha lo uyikho konke suka endleleni baba.”

Asuke uKhoza abheke imoto yendodana yakhe iphuma makafika emgwaqeni ayiphendule ayizwakali noma iduma ithulile nje ahambe. Acabange ukuthi lomngani wakhe mangabe uthanda izinto uzokwenza ngathi uyamuthanda makabona lemoto, ajike uLwazi amangale ubaba wakhe sekangena futhi.

Lwazi:”Uphi uma?”

Khoza:”Baye esitolo nosesi wakho.”

Lwazi:”Uyazi usibekaphi isikhiyo seloli.”

Khoza:”Uyagula na wena mfana.”

Lwazi:”Baba phuma kimi hawu.”

Awacinge awathole aphume agijima ayothatha iloli lakhe elizibangela umsindo aphume asale ahleka ubaba wakhe abuyele endlini. Ahambe uLwazi ashayele uCebile la endleleni

Lwazi:”Sengiyasondela.”

Cebi:”Kuduzane ekhaya mawufika khona ungishayele ngizoza.”

Ahambe aze afike apake iloli lakhe amushayele makaqeda kukhuluma naye ehlike ayohlala kumabhentshi. Abantu bayazindlulela nje enkundleni akuthulekanga. Emva kwesikhashana akhulumile naye abone imoto iqhamuka ihamba kancane abone ukuthi ilethe yena le, kepha amangale mayifika ima cishe duze naye kungehli muntu bese kukhala ucingo lwakhe….

***CEBILE***

Mabafika enkundleni noSinalo kanye noAmanda

Amanda:”Kuneloli lamalahle uphi lomuntu wakho?”

Cebi:”Ushilo uMihla kuthi usebenza emalahleni.”

Agegetheke uSinalo

Sinalo:”Hhayi niyazenza izigigaba Cebi wena ngoba ugqoke waba muhle kanje.uzishunele kuyoncoliswa amalahle.”

Cebi:”Sengiyazisola kancane yazi.”

Amanda:"Cha nangu umuntu lapha emabhentshini mhlawumbe nguye, isondeze Sinalo ngeke asibone ngoba amafastela wakho amnyama uzobonwa yithina mangabe akakuchazi sesi siyabaleka ubhlokha nenombolo yakhe."

Cebi;"Icebo elihle lelo sondela phela Sinalo."

Sinalo:"Leloli izoncolisa imoto yami kahleni ukudlala ngami."

Ukhuluma uyahleka uSinalo ayisondeze kancane uSinalo amangale ngoba ilomphathi waCebi nje wamubona mhla azolanda ingane yakhe nasekuseni umubonile nguye.

Sinalo:"ULwazi lona nje."

Babheke bonke imoto seyime phambi kwakhe babhekile uCebi amubuke

Amanda:"Unayo inombolo yomphathi wakho?"

Cebi:"Anginayo."

Amanda:"Mushayele lomalahle mhlawumbe uLwazi uzozipholela la umalahle uselolini lakhe."

Amushayele uCebile kukhale khona kuLwazi alubambe ahleke uSinalo.

Sinalo:"Washa 2 ayyCebile niyazenza."

Athuke uCebi kungavumi kuthi ehle

Sinalo:"Khuluma Cebi uyehla noma?"

Usabeke  ucingo endlebeni uSinalo makakhuluma uyamuzwa uLwazi.

Cebi:"Asambe bhuti angisehli."

Lwazi:"Nkosazana please ngiyakucela."

Ahle asondele emotweni eme phambi kwayo.

Amanda:"Haaaaa Cebile yehla."

Cebi:"Ngizomubuka kanjani mina lomuntu sisi?"

Sinalo:"Uzokhawula ukujola uqoma umuntu ocingweni yehla."

Amanda:"Buka uhawula njani sekahle uthukile."

Amushayele uLwazi angabambi uCebi azame nokuvula imoto bandla uLwazi ikhiyiwe

Sinalo:"Sekayahlanyake manje ngizomubizela uNathi."

Ahleke uAmanda nangu sekakhala uCebile

Cebi:"Bhuti ngicela uhambe."

Makabona usesi wakhe akhala uSinalo ayihlehlise imoto naye uLwazi afunde kwezakhe agijimele elolini lakhe ayisuse.

Lwazi:"Kwenzenjani kanti manje nkosazana."

Ukhuluma yedwa isuke iloli abalandele inombolo yemoto kaSinalo sekayibambile uyazitshela nje kuth makahluleka kubathola uzoyifuna lemoto. Akakwazi kulahlekelwa injabulo seyiduzane naye. UCebile ukwazi kumjabulisa ocingweni masebabonana kuzobanjani. Abalandele uSinalo yena uphelile ukuhleka makabona leloli afike komunye umgwaqo ayimise.

Sinalo:"Cebile musa ukuzenza ingane mina ngifuna kuyokhuluma nobabomdala ngokuthile uyangibambezela. Yehla ungalokhu udlala ngalomuntu wenkosi."

Cebi:"Bhuti ngiyasaba ngempela."

Amanda:"Nami angisathandi bandla."

Ehlike uAmanda liqhamuke iloli nalo selenza umsindo ehlike uSinalo asale akhala uCebile ngenxa yamahloni. Alimise uLwazi sekakhiphe wonke amehlo kuthi kanti kungani kumele yena asebenzele yonke into kanzima. Uyabona ubhuti kaAngel lona abezile ekuseni ehlike aye kuye. USinalo uyazimoyizelela

Sinalo:"Bhuti mina angazi kwenzakalani nangu uCebile wakho uyakhala lapha emotweni."

Lwazi:"Ngenzeni mina?"

Amanda:"This is so sweat so nguwe osebenza emalahleni?"

Lwazi:"Angazi ngenzenjani ngingaya emotweni?"

Sinalo:"Khululeka sizozihlalela la sinosisi."

Asondele emotweni makafika emotweni athi uyayivula ngemuva ngoba akazi uhlezi ngakuphi aphume uCebile akhe ngejubane.

Sinalo:"HAYIBOOO."

Amanda:"UCebi kanti usaseyingane?"

Sinalo:"Mina ngiyahamba uzolethwa ileloli."

Bahleke

Amanda:"Mana ngifuna kubabona makamufica."

Sinalo:"Mina angifuni kubona uzosala nawe uze naleloli."

Amanda:"Wuuuu bese ubhuti wakho uyangibona ngehla khona."

Sinalo:"Uzomushaya futhi"

Bazihlekele bayongena emotweni uLwazi amugijimise nezinja ziyabakhonkotha emzini,

Lwazi:"Cebile asikhulume."

Agijime aqhubeke nokumgijimisa aze amufice amubambe isandla uCebile azame kuphunyuka akafuni kumubheka ebusweni. Asiqinise uLwazi lesandla ngesinye amubambe okhalweni. Sebaphefumulela phezulu ukukhathala abantu bayababuka nje ababanakile bazibonela izithandani zizidlalela…..

***ISIQEPHU 33***

***KWANTULI***

MaYoliswa:"Sbongile."

Sbo:"Ma."

MaYoliswa:"Awuyothenga isinkwa."

Aphume egunjini

Sbo:"Uyasidinga ngempela ma?"

MaYoliswa:"Hayibo uyazi siyadliwa isinkwa la ekhaya."

Sbo:"Ngiyasaba mama"

MaYoliswa:"Awww mntanami ulokhu uzivalele egunjini ngoba usaba, kahle sesi kwamele uphume."

Sbo:"Kulungile ma."

Amunike imali aphume amubheke efasteleni umawakhe uyabona indlela ahamba ngayo kuthi uthukile. Uhamba abheke emuva abuye abheke phambili ngokushesha futhi abheke emuva, kuqhamuke imoto ishaye ihutha athuke uSbongile agoqane lapho phakathi nomgwaqo. Aphume umawakhe asheshe aye kuye afike amubambe nabantu sebayamubuka.

MaYoli:"Sukuma sihambe sesi umama ngibuke."

Asukume uyabona umawakhe ukuthi akazenzisi uthukile ngempela uze uyaqhaqhazela amubambe bayongena egcekeni. Amehlo abantu awanazo izivalo bayabuka okwenzekayo abakwazi nokushalazela. Mabafika emnyango kuze uNhloso naye ubonele ekudeni.

Nhloso:"Sanibonani ma, mngani kwenzenjani."

Angamuphenduli bangene bonke endlini sekayakhala amuhlalise embhedeni umawakhe uyabalandela uNhloso. Amuthulise umawakhe akhale uSbongile aze athule angasuki umawakhe kuye, noNhloso sekabukeka akhathazekile.

MaYoliswa:"Nangu umngani wakho mina ngizohamba ngiyothenga isinkwa"

Sbo:"Ungahambi mama ngiyasaba."

MaYoliswa:"Kulungile ngizohlala ngale ekhishini phumula sesi."

Aphume umamakhe sekayazibuza manje uthi akukho abamenze kona umntanakhe bandla. Angakhala kangaka angabanjwanga nhlobo noma uthuke kakhulu. Uyafisa nokumuyisa kudokotela noma umaluleki kodwa ngani handla angenayo imali. Uthulile uxmcabanga konke lokhu. Emva kwehora ahambe ayomubheka amufice sekazumekile, naye uNhloso sekazumekile celeni kwakhe. Aphume akhiye umnyango ahambe aye estolo kwala endleleni uhamba ujulile nje, noma bemubingelela uvuma angaboni nokuthi ubani lowo.

Afike athenge aphume uyashesha akafuni nokuvinjwa la endleleni ungafunga kuthi ushiye iswane lodwa endlini. Abuye uNhloso sekaphapheme naye uphazanyiswe umnyango waphuma athi uzobheka.

Nhloso:”Hawu ma nguwena.”

MaYoli:”Usalele uSbongile?”

Nhloso:”Usalele.”

MaYoli:”Aqungitshele kwenzakaleni la ematshwaleni naniye khona?”

Acabangisise uNhloso

Nhloso:”Mina mama angazi kahle engikukhumbulayo uSbongile wathi uya endlini encane, umngani wethu omunye qathi kuhlala kugcwele ithi amuphelezele kuya etoilet yomnikazi wendawo. Bakhuphuka bobabili mina ngasala noMihla emva kwesikhathi uMihla wathi uyobabheka naye uphathekile bangishiya. Ngabona uSbongile sekaqhamuka agijima ehla ngezitebhisi waphuma ngomnyamgo, lo bengihlezi naye waphuma ngasala ngedwa.

MaYoli:”UMihla yena waphelelaphi?”

Nhloso:”Yena waqhamuka muveni sekunesikhathi ahambile uSbongile naye wathi uyahamba. Angisakhumbuli kahle ma ngiba nengqondo beseyidakiwe.”

MaYoli:”Bekaphuza naye uSbongile?”

Nhloso:”Azange ngoba kwalebhodlela esamunika lona walishiya lisenjalo.”

MaYoli:”Nina zingane yini le eniyifuna ezipotini ningamantombazane.”

UNhloso akayivumi nje into yokuthethiswa ngoba kwagogo wakhe akasamuthethisi, asukume avalelise amushiye lapho….

***KWAKHOZA***

UDanisile ulokhu ubuka ubaba wakhe bazincokolela nomawakhe, uyamutshontsha abuye abheke le. Agcine sekazidela ayohlala phansi ezinyaweni zakhe, babukane abazali bakhe.

Dani:"Baba Mkhathini ngicela uxolo ngokukwehlisa isithunzi ngingakulaleli, wangibonisa ngoNsizwa kepha mina ngakhetha kulandela inhliziyo yami. Ngiyaxolisa nolukhuluma amagama abuhlungu kuwe baba."

Ehle izinyembezi uDansile

Dani:"Konke owakusho baba ngoNsizwa uyakwenza futhi kakhulu, kudala ngifuna ukubuya ekhaya kodwa ngisaba. Masixabana bengiya endlini yabazali bakhe size sibe kahle bese ngibuyela kwami."

Ubabakhe ubheke phansi ulalele indodakazi yakhe ilokhu ikhala

MaKhoza:"Baba ingane ikhuluma nawe."

Dani:"Ngiyazi okwenza uthule ungasangikhulumisi ilamagama engawakhuluma sime lapha ngasesibayeni. Nginamahloni okuzibuka ngisho nasesibukweni baba ngiyawuswabela umlomo wami ngiyaxolisa kakhulu baba."

Athule futhi uKhoza akamubheki nokumubheka, makaqeda asukume uKhoza ngoba ezwa izinyembezi zishisa emehlweni ingane yakhe ize ihlupheke ngalohlobo ngenxa yalomfana. Abashiye lapho angashongo ngisho elilodwa igama leli.

MaKhoza:"Baba."

Ahambe aqonde egunjini lakhe asale akhala uDansile, bezwe sekukhona okokoda emnyango. Azisule uDansile athi uyobona

MaKhoza:"Cha hamba uyophumula sesi ngizobheka mina."

Ahambe umaKhoza ayovula emnyango hawu amangale abazali bakaNsizwa, abangenise bayohlala phansi.

Khumalo:"Ninjani mam Khoza?"

MaKhoza:"Siyaphila baba singezwa nina."

MAkhumalo:"Siyaphila mkhozi."

Khumalo:"Size ngendaba kamakoti singamuthola ubaba wasekhaya?"

MaKhoza:"Ngisayomubheka kuthi sekavukile na."

Abashiye aye egunjini labo umyeni wakhe akalelanga uhlezi nje phezu kombhede usocingweni angene.

Khoza:”Kulungile ndodana ngizobona nganike.”

Aluvale bese ubheka inkosikazi yakhe.

MaKhoza:”AbakwaKhumalo bala baba bafuna kukkubona.”

Khoza:”Banesibindi sokubuya la emva kokuthatha indodakazi yami bayoyihluphekisa.”

Asukume uKhoza amulandele umkakhe avele ngale bahlezi kusofa asukume uKhumalo makungena uKhoza nomkakhe asukume. Babukane kubingelele abazali baNsizwa kuqala.

Khumalo:”Sawubona Khoza siyaxolisa ukuza singabikanga.”

Ahlale phansi nabo bahlale

Khoza:”Nginisiza ngani?”

Babukane kuqala

Khumalo:”Sicela ukubona umakoti sikhulume naye ngoba ushiye konke emzini wakhe asitholi ncazelo.”

Khoza:”Indodana yenu ayikwazi kunichazela?”

Khumalo:”Sikhulumile nayo manje besicela kukhuluma nomakoti.”

Khoza:”Khumalo unesibindi nathatha indodakazi yami la ngenkani nayohlala nayo. Ingane yami noma ihlupheka akekho noyedwa kini owacabanga ukuthi azositshela sibone ukuthi sibasiza kanjani abantwana. Nathula du manje ngoba sekabuye ekhaya khani nivela. Mina ngoba nginibona namuhla nganigcina ngosuku lomshado. Akusiyo indelelo leyo?”

Khumalo:”Siyaxolisa Khoza  thina sazitshela ukuthi umakoti umelene nesimo.”

Aqhamuke uDanisile ngoba uzwe iphombo lababa wakhe liphezulu, bamubheke ahambe ayohlala celeni kwamawakhe.

MaKhumalo:”Ohhh makoti kunjani?”

Khoza:”La kukwami kukaKhoza la akusikho kwaKhumalo, ingane yami izibuyele ekhaya ngoba ingasakhoni manje nizoyilanda futhi emagcekeni akubo.”

Khumalo:”Cha Mkhathini yehlisa umoya asizanga ukuzomuthatha thina sizobuza ukuthi kwenzakalani kubo.”

Khoza:”Buzani indodana yenu lo wethu  usitshelile la ekhaya nina nizotshelwa indodana yenu. Dani mangabe ufuna ukukhuluma nabo kukuwe ngoba uyakwazi ukwenza into noma ngikunqabela. Mangabe awufuni akukho muntu ozokubeka icala.”

Makathi uyasukuma

Khumalo:”Khoza asiqondanga ukukudelela emzini wakho, thina besifuna indlela esingasiza ngayo abantwana. Sitshele ukuthi ufuna senze kanjani izinto ngendlela yakho ongeke uzizwe udeleleka sizokwenza.”

Khoza:”Ningakhulumi nalezingane omunye ele abahlanganiswe kunye nathi bazali babo khona emzini wabo.”

Khumalo:”Isikhathi singakwenza kuwo loMgqibelo esiya kuwo mnumzane, lento ingihleli kabuhlungu akukho engikhona ukukwenza phela siyamuthanda umakoti wethu futhi asifuni ahlukumezeke.”

Khoza:”Dansile.”

Dani:”Ba.”

Khoza:”Ufuna kwenziwe njani?”

Dani:”Mina besengizitshelile ukuthi ngizofaka isehlukaniso kodwa bekunzima ngoba ngisamuthanda umyeni wami ngiphoxwa izinto zakhe azenzayo. Bengicela nisihlanganise baba nikhulume nathi.”

Khoza:”Kulungileke ufuna kukhulunywe nini kuphi futhi?”

UDanisile ezwe anokuthula ngaphakathi kuye makabona ubaba wakhe amumela ngalohlobo. Noma engakhulumanga ngomlomo kepha uyabona ukuthi uyamuxolela.

Dani:”Ikahle impelasonto esiya kuyo nokuthi siyokhuluma ekhaya lethu kukahle baba, angifuni kuzokwenza umsindo kwakho.”

Khoza:”Akube kanjaloke.”

Khumalo:”Siyabonga Mkhathini sizobonana ngoMgqibelo.”

Umamezala wakhe usafisa ukukhuluma noDanisile naye uyabona kepha angamunaki, akafuni kuthi alokhu amukhalela uzaze athathe isinqumo angazimiselanga ngaso. Baphuma abaphelezele umaKhoza ubaba wakhe abuyele egunjini lakhe……

***ISIQEPHU 34***

***EMGWAQENI***

Emva kokuhamba kukaSinalo noAmanda basale belokhu belwa ngezandla uCebile efuna kuphunyuka uLwazi angafuni kumudedela.

Lwazi:"Ngiyaxolisa ngengikwenzile."

Masekawehlisile umoya uCebile amubheke babukane uLwazi akazi athini nangu uAngel asebenza naye. UCebile uthukile uvalo lumdonsa ezinjulwini zesisu ngathi amathumbu ayagoqana. ULwazi yena umangele kodwa inhliziyo yakhe uyizwa ijabula, uAngel lomuntu abehluleka kungamubheki, nangu uCebile uvele waxhumana naye ocingweni akazi kanjani kanti umuntu oyedwa.

Lwazi:"Angel."

Cebi:"Ohhhh Nkosi yami."

Asondele kuye uLwazi usamubambile ngesandla esinye sisokhalweni, asondele ngonyawo olulodwa kuye. Asuke amuhage noCebi amuhage eside isikhathi.

Lwazi:"Nkosazana amazulu masewayidalile into asuke adalile ngempela akukho okuzoshintsha yerrrr angikholwa yazi."

Angamuphenduli uCebile athule alalele lokushaya kwenhliziyo yaLwazi ngoba bebambene. Akathuki noma ezwa isitho sika Lwazi siphefumula kodwa lokho kumenza afune ukuzisondeza kakhulu aze eme ngamatonto. Abone uLwazi ukuthi ayingaka ngaye manje wonke amalunga omzimba wakhe amukela uCebile inkosazana yakhe.

Lwazi:"Ngiyakuthanda."

Cebile:"…………"

Lwazi:"Cebile liphi iphimbo lakho?"

Angaphenduli futhi elokhu emubambile

Lwazi:"Asambe ubhuti wakho uzosibona angiphinde futhi ngezibhakela."

Aphinde amuqinise noma asuka kube nzima kubo bobabili, azilungise amubambe ngesandla baqonde elolini amahloni  ayazenzela kuCebile usaba nokumubheka. Bangene elolini ayisuse ahambe aze afike ngakubo bangasho lutho.

Lwazi:"Angazanga ukuthi ngiye kuphi singangena?"

Cebile:"Angazi."

Lwazi:”Akukho engizokwenza kona ukuxoxa nje ungalokhu uthi awazi.”

Amoyizele uCebile amubheke uLwazi

Lwazi:”Umuhle umuhlele mina angithi?”

Cebi:”Cha  hawu.”

Alisuse iloli futhi alipake endaweni yalo ngenhlanhla lona lihlala ngemva akabonakali makehla. Ayovula egunjini lakhe bangene avale, kunombhede ikasi lezimpahla kuhle kuyabonakala kuyabiza, kukhona nendlu encane enebhavu. Eme ngasefasteleni uCebile abuke ngaphandle asondele kuye uLwazi bese uyabaleka amufulathele futhi.

Lwazi:”Sidlala umacashelana manje?”

Cebi:”Amahloni.”

Lwazi:”Amahloni ani okuthi bengihamba ngeloli noma umfowenu ufike wangiqambela amanga uthi ubugula uphethwe isisu ebusuku bakuyisa esibhedlela udokotela wathi kumele uphumule namuhla kanti wena qha ufuna kuyobona isoka lakho ongalazi eligcwele amalahle.”

Ahleke uCebi abeke isandla emlonyeni noLwazi ahleke

Cebile:”Mina angimthumanga kuthi aqambe amanga anjalo, kodwa nawe uthe ngiqambe amanga nje.”

Lwazi:”Kanti angazi ukuthi amanga azoqanjelwa mina.”

Abuke phansi amubambe ngesandla uLwazi bayohlala embhedeni uCebile ulokhu uyashalazela.

Lwazi:”Manje kungani uzibize ngoAngel?”

Cebile:”Igama lami lesibili ngibizwa ngalo eskoleni.”

Lwazi:”Ngiyazi usuku lokuqala nkosazana kepha ngicela sikhulume lento eyenzekayo ngizwa iyangithusa.”

Kukhale ucingo lwakhe makabheka umawakhe

Cebile:”Ma.”

MaGugu:”Ukahle?”

Cebi:”Ngikahle ma.”

MaGugu:”Uyaqala ukubonana nalowo mlisa Cebile ungazenzi ingane elula maniqeda kuxoxa ubuye ekhaya, nikuphi nje ngoba kuthulekile lapho?”

Cebi:”Akukho engizokwenza ma khululeka.”

MaGugu:”Ubonile angithi kukhona ubabomdala wenu uyamazi unibona nje ngezingane zakhe uzokwenza lokhu abekwenza noma kusaphila ubaba. Makuthi akushaye uzokushaya.”

Cebile:”Ngizobuya ngo5 ma"

Ulwazi amukhombe u6 ngeminwe amuncenge

Cebile:”I mean ngo6.”

MaGugu:”Ngoba?”

Cebile:”Ngizokutshela mangibuya kodwa khululeka ngikahle"

Avalelise babukane futhi

Lwazi:”Uyakudinga kokudla?”

Cebile:”Cha ngiyabonga.”

Lwazi:”Nkosazana angazi kuchazeka njani lokhu kepha mina azange ngayifihla imizwa yami ngiqala kuba duze nawe.”

Cebi:”Ocingweni kuCebile noma emsebenzini kuAngel?”

Ahleke uLwazi

Cebi:”Kahle kahle wena azange wenze ukuthembeka ubuqabula uAngel bese ushayela uCebile.”

Aswabe uLwazi

Lwazi:”Lento yenziwe ukuthi ungihehile kanti ungumuntu oyedwa ngiyathembisa angisuye mina umuntu onjalo, kodwa nawe ukwenzile lokho nje.”

Amoyizele uCebile abuke phansi.

Lwazi:”Ngingakhuluma manje ngesibindi nangokuchoma kuthi ungowami?”

Cebi:”Cha kuqala ngitshele awunaye umuntu ohlekisana naye na?”

Lwazi:”Anginaye.”

Cebi:”Uphi umama kaNozibusiso?”

Lwazi:”Angimazi wahamba.”

Cebi:”Bowuzimisele ngaye?”

Lwazi:”Yazi nkosazana lowo mbuzo awubalulekanga ngoba lomuntu bengiphila naye kudala wena ungekho. Akusizi ukuziphathisa ikhanda ngento yakudala. Sahlukana naye sesinengane okubi ukuthi ngeke ngihlukane nengane futhi ngiyayithanda ingane yami. Wanyamalala emva konyaka mhlawumbe sihlukene, besengikhohliwe nguye nokuthi

ukuphi manje angazi futhi anginamsebenzi. Yebo bengizimisele ngaye ngaze ngacela ubaba sibhale incwadi ezoya kubo kepha sahlukana ngingakayihambisi incwadi. Ngiyathemba  uphendulekile ngendlela ofuna ngayo.”

Cebi:”Mina angazi lutho ngalezinto zomjolo ngoba ngake ngaba nalo isoka kodwa sahlukana emva kokuthola ukuthi lishadile bengingazi mina kuthi unenkosikazi.”

Lwazi:”Into eyandlula leyo mina angifuni kuxoxa ngezinto zakudala, usamubona kodwa yena?”

Cebi:”Nginokuhlangana naye ngoba ekhaya bathanda imifino yasestolo sakubo kodwa nami angisanandaba naye yize ngangimuthanda.”

Lwazi:”Woooo uthi kunestolo semifino kubo?”

Cebi:”Eya uyamazi na?”

Lwazi:”Usho uNsizwa?”

Cebi:”Yena.”

Asukume uLwazi azihlikihle ekhanda ngesandla esisodwa ayoma ngasefasteleni.

Lwazi:”Wake wayibona inkosikazi yakhe?”

Cebi:”Cha angikaze bangitshela nje nami ngaqala ukunaka izenzo zakhe ngamulahlake, noma asangikhalela namanje kodwa ngeke ngisabuyela lapho.”

Lwazi:”Inkosikazi kaNsizwa usesi wami engimlamayo.”

Cebi:”Ini hayibo Lwazi bengingazi ukuthi ushadile ngempela bengeke ngikwenze lokho.”

Sekakhiphe wonke amehlo sekuphuma nezinyembezi nakhu ezolahlwa ngosuku lokuqala, aye kuye uLwazi ahlale phezu kombhede amubambe izandla zombili aziqabule.

Lwazi:”Akunankinga nathi besingakahlangani  ungazibeki icala.”

Cebi:”Usesi wakho uzongibuka kanjani kodwa ngeke angamukele.”

Lwazi:”Ngizokhuluma naye kumele azi kuthi noma iphuma lento yena abe azi.”

Cebi:”Ngeke kube munandi kuncono siyiyeke yonke lento ingakaqali nokuqala.”

Lwazi:”Ngeke nkosazana hawu kahle bengihlezi ngedwa iminyaka ewu5 yonke, manje ngoba sengithola umuntu othandwa yinhliziyo yami sekumele ngimuyeke ngenxa yaleyonto. Ngikuthandile nkosazana yazi ungijabulise ocingweni kangakanani masosempilweni yami. Wena awuyi ndawo.”

Babukane

Lwazi:”Ngicela kuqabula phela.”

Cebi:”Seriously Lwazi?”

Asondele uLwazi asondeze ubuso isihlathi sikaCebile siqhaqhazele asibone naye uLwazi. Abe nesiqiniseko sokuthi naye uyamuthanda uvalo luyamushaya naye njengaye. Asondele kancane baze bathintane ngezindebe baqabulane kancane. Izinyawo zilengela phansi embhedeni baqabulane uLwazi aze agibeze umlenze owodwa phezu kwaCebi. Makabona angasho lutho agibele phezu kwakhe amuqabule agxile ngemizwa kuye. Baqabulane izandla zakhe zihamba wonke lomzimba kuphunyuke ukuquma okuncane kuCebi lokho kwenze uLwazi avaleke izindlebe.

Baqabulane amufake isandla phansi kwesikibha asikhuphule kancane uyazi akukho kahle kepha uyafuna yena manje akukho akucabangayo. Nokuthi uqeda kubonana naye khona namuhla kepha makalokhu angalwi uCebile uyazitshela kuthi naye uyamufuna. Asikhuphukise isandla size sifike emabeleni, makawababamba nje aqume futhi uCebi yena akhumule uLwazi iskibha. Lokho kube umlayezo kuLwazi ukuthi akusabhekwa emuva naye amukhumule esakhe asale ngobra awuqhaqha umusokolise ugcine uphumile.

Baqabulane eside isikhathi amubambe ikinobho yejean ayiqhaqhe angaxwayi uCebile amehlise uzibhu. Alikhumule lonke ibhlukwe eme ngezinyawo uLwazi abuke uCebile aziqhaqhe ibhande ngokushesha nebhlukwe alehlise angasalikhiphi lonke ezinyaweni. Abuyele kuCebi naye amamukele manje izitho zabo zithintene sebafenda khona lapho begqokile.

Cebi:”Mmmmmmm Lwazi yima.”

Lwazi:”Ngiyaxolisa.”

Cebi:”Akunankinga yimina.”

Amuqabule futhi uLwazi baqhubeke nokufendana begqokile abone uCebi sekagoqana kuthi uyachama. Amufende ngokushesha achame uCebile aqume ngapha kuzwakale kumnandi ezindlebeni zaLwazi ukukhala kwakhe. Afende asheshe sekumanzi nte phakathi kwabo naye achame. UCebi uyabona kwenzekeni ingqondo ibuye sebaqedile kumanzi kubo uyasizwa isidoda sikaLwazi ephentini lakhe noLwazi uyabuzwa ubumanzi baCebi.

Kwehle izinyembezi futhi, uLwazi sekamufundile ukuthi uyatetema lo amubambe amuqinise amuphendule kuthi eze phezulu uCebile. Makathi uyasuka amubambe amuqabule lezinyembezi. Angamubuzi nokuthi ukhalelani ngoba uyazi ukhaliswa ukuvumela lento yenzeke ngosuku lokuqala.

Lwazi:”Akukho okuzoshintsha futhi angingenanga phakathi ungazisoli, lokhu bekumele kwenzeke ngoba besiyogcina sikwenza emgwaqeni noma endaweni engekho kahle. Ngiyakufila ezinzulwini zenhliziyo yami. Buka ungenziseni manje.”

Cebi:”Ngosuku lokuqala pho?”

Lwazi:"UKhoza bekafuna ukubona umuzi wakhe kanti nawo umuzi wakhe ubulangazelela. Bongeke ulwisane nalokho ungazisoli, Cebile ngiyakuthanda."

Cebi:"Nami ngiyakuthanda."

Lwazi:"Ohhhh finally washo ngiyabonga nkosazana uzobona ngizokuphatha kahle."

Cebi:"Kumele ngiyozisula ngiyancantuka nje."

Amuyeke asuke amulandele uLwazi bangene bobabili endlini encane

Cebi:"Ngeke ngisuleke kumele ngigeze phuma."

Lwazi:"Uyabona wena usenkingeni mina ngiyilezi ezilandelana noma umfazi aya endlini encane ayokaka, uzongijwayela ngithanda isicefe."

Cebi:"Ngeke udlale ngami kodwa?"

Lwazi:"Ngeke buya sihlanganise insila yethu bese ngikumukisa ekhaya angifuni kuthola izibhakela futhi."

Cebi:"Manje futhi uzokushaya kakhulu ngeke akhuzeke."

Athele amanzi akhumule uLwazi uCebile sekanamahloni enze ngathi akamuboni uLwazi angene nephenti ebhavini alikhumulele emanzini ahlekele phakathi uLwazi. Bageze baqede bagqoke uLwazi ashintshe yena azifakele ishort, baphume egunjini lakhe bayongena emotweni. Ayithalaze imoto ngaphakathi uCebile

Cebi:"Yinhle imoto yakho ngigcina ngokuyibona indlula ngomgwaqo."

Lwazi:"Uthanda izinto?"

Cebi:"Cha angizithandi."

Lwazi:"Kungcono

Cebi:"Awuzwani namantombazane athanda imali?"

Lwazi:"Angikwatisa kabi ngoba bese awasakhoni kuhlukanisa phakathi kothando nemali, baze bashadele imali kuhlushekiswe izingane zikhulela phakatthi kwabazali abanganalo uthando."

Cebi:"Mina uthando ngangilubona kubazali bami yooo ngihlala ngisho ukuthi uNkulunkulu makafuna ngishade ngicela angibusise ngedonda enje ngobaba."

Lwazi:"Ngiyathemba ngizokujabulisa."

Cebi:"Yazi ngilambile anginakile sonke lesikhathi ngoba nginawe."

Lwazi:"Ufuna siye endlini kuqala?"

Cebi:"Cha phela manje sekuyogamanxa ihora lesithupha nginesiqiniseko ubhuti sekangilinde ngaphandle."

Bahleke bobabili bahambe baze bafike

Cebi:"Ungehli ulale kahle yezwa."

Lwazi:"Awukwazi kuhamba ngingaqabulanga."

Amuqabule futhi ehlike avule ifastela uLwazi

Lwazi:"Kokugcina."

Abheke egcekeni lakubo uCebi angaboni muntu abuyele emuva baqabulane lapho efasteleni. Avalelise amubuke uLwazi aze angene endlini alinde kancane kuthulekile bese uyasuka.

Lwazi:"Nkosi yami ngicela ungangiphuci lo nguyena ngicela ungihlukanise namaphutha ngiyakwazi ukuphila wedwa kunzima kanjani angisafuni. Ngimtholile nguyena futhi angifuniseli."

Ukhuleka nje uyashayela ujabulile akakhoni nokuchaza yize kukhona lolo valo nje…

***ISIQEPHU 35***

***KWANKOSI***

UCebi uyawezwa amaphimbo ngoba asengaphandle bayaxoxa bayazihlekela ubhuti wakhe uNathi ukhululekile futhi akabonisi kuthukuthela. Avele abone ukuthi kukhonaakushilo uSinalo kuye ngoba amacebo amanga uhlala anawo. Angene bonke bamubheke abone uAmanda nomawakhe bevula umlomo bamubheka bese bayabukana baphinde bamubheke.

Sinalo:"Seyiphelile iworkshop njalo mina bengithi nizobuya ngabo8."

Nathi:"Ngiyathemba beningaphuzi manibuya ngiyabazi abafundi banjani."

BabMongezi:"Buya uzodla nana."

Cebi:"Ngifuna kuyoshintsha kuqala baba ngiyabanda."

Makafulathela abheke umawakhe kuqala sekahamba nokuhamba akazi noma uyamubona ukuthi wenzeni. Afike egunjini lakhe aziphose phezu kombhede amoyizele yedwa aze azigaxe yena abeke izandla emahlombe. Kuvuleke umnyango athuke makabheka uAmanda amubuke

Amanda:"Kwase?"

Cebi:"Sisi awuhambe uye kumyeni wakho."

Akhiphe amabhijama wakhe phansi komqamelo akhumule akhamise uAmanda amubheke.

Amanda:"Liphi iphenti?"

Akhumbule ukuthi baphume emanzini ulishiye lapho ngoba azange bawavulele amanzi, abe namahloni ihlazo elingaka kodwa.

Cebi:"Ngihambe ngingaligqokanga."

Amanda:"Unamanga Cebile ungagqoka ujean ngaphandle kwalo."

Agqoke uCebile aze aqede uAmanda elokhu emugubha okwenzekile.

Cebi:"Sisi ngizokuxoxela kusasa ngiyakucela."

Amanda:"Uphelezelwa yimina kusasa ngizifuna zonke."

Amushaye ngomqamelo aphume asale akhiya ngoba uyazi nomawakhe uzoza, akhiphe ucingo lwakhe ashayele uLwazi.

Lwazi:"Nkosazana."

Cebi:”Kwenzeke ihlazo yazi nginamahloni.”

Lwazi:”Kwenzenjani manje?”

Cebi:”Ngikhohlwe iphenti lami emanzini angithi asiwakhiphanga nawo.”

Lwazi:”Ungakhathazeki uzolithola likhona mawubuya.”

Ahleke kodwa uLwazi

Cebi:”Ngiyabonga ngicela ungakhohlwa kukhuluma nosisi wakho, yazi angifuni kulahlekelwa yilokhu engiqeda kukuthola.”

Baqhubeke bakhuluma, ngale etafuleni nakhona bayazixoxela bayahleka

Sinalo:”Yazi ngeke ngikhohlwe wena baba ungigqubа ngebhande ngidojile eskoleni, wangifaka phakathi ekilasini"

Nathi:”Kwenzakalani vele ekilasini ngoba mina wanginqabela ubaba ukuthi ngingene.”

Sinalo:”Hhey masingena izibunu zami zazibuhlungu ngenye indlela ubabomdala wafike watshela uthisha ukuthi ungilethile bengidojile. Ngathi ngiyaphika wangishaya khona lapho lachazeka ikilasi bathi shaya.”

Bahleke

MaGugu:”Sinalo nawe wawuhlupha maaan.”

BabMongezi:”Angithi ukube sakuyeka ngabe unjani manje"

Sinalo:”Phela bengizoba yimpintshi yaButana.”

Ahleke uAmanda makabona iso likababMongezi aswabe, yena ubabezala wakhe wayezixoxela ekhululekile. Amuyeka naye azikhulumele into ayifunayo kodwa ethanda inhlonipho. UbabMongezi yena ukahle makaphuzile makunguye nje engaphuzanga usaba ngisho ukuzinwaya celeni kwakhe.

Aqhamuke uCebile ulambile vele ngeke akwazi ukulala angadlanga noma abalinde bayolala. Ahlale celeni kwababMongezi athathe isitsha sakhe adle

MaGugu:”Bekungekho ukudla kuleworkshop?”

Ahisheke uCebile

Cebi:”Bekukhona bekungadleki nje.”

Nathi:”Ibikuphi nendawo?”

Amuzibe uSinalo

Sinalo:”Yazi bhuti ngicabanga ukuthi siyeni ku family vacation.”

Nathi:”Sekuzoba uDecember futhi, ngizobuka la esingaya khona.”

MaGugu:”Cha mangabe kuyahanjwa yithina noAmanda esizobheka la kuzoyiwa khona ngoba nina ningasiyisa khona la emall.”

Bahleke badle baqede angene uButana bonke bamubheke uyabonakala ukuthi uke washawa. Uze ubhandishile esihlathini

Butana:”Ohhhhhh ubone ukuthi ufake lesidakwa la emzini kabhuti.”

Nathi:”Butana ngeke sizodelelwa nguwena thina la ngizokulimaza mina.”

Butana:”Ufunani uMongezi la?”

MaGugu:”Akusiwo umuzi wakho lo kuthi kumele sikubikele abantu abezayo, ngicela uhambe futhi la kwami bekukahle ngoba ubungekho. “

Butana:”Kusho ukuthi azange umuzwe ubaba wathini inhloko yalomuzi, angiyi ndawo mina ngizohlala la, Cebile ngiphakele ukudla ungilethele ngapha kumabonakude.”

Afulathele uGugu makathi uyakhuluma ubabMongezi amukhuze ngesandla

MaGugu:”Bhuti uyangeyisa uButana.”

BabMongezi:”Muyeke sesi mawumunaka umukhukhumeza lento ekuye kanti mawumubuka uzozibona ukuthi uyisilima. Phakela ubabomncane wakho Cebile.”

Amuphakele amuhambisele

Butana:”Kunjani eskoleni?”

Aphume uCebi angamuphenduli adle lapho makaqeda akhipe izidakamizwa zakhe aziphuze ehlise ngojuzi.

Sinalo:”Mina sengiyobukela amamuvi ami egunjini lami.”

Nathi:”Kuncono silale vele ngoba loButana mina ngizokhohlwa ukuthi ungubhuti kababa.”

BabMongezi:”Hambani nonke niyolala ngifuna ukumubona angena egunjini lakhe angimuthembi nami, sesi ukhiye egunjini lakho.”

MaGugu:”Mina ngisafuna ukuzenzela itiye nje.”

BabMongezi:”Ngizokulinda ngiyohlala noButana ngale.”

Bahambe bayolala uAmanda asale nomamezala wakhe amulinde enze itiye yena afake izitsha emshinini wokuzigeza. Bacime bahambe bafice ubabMongezi sekasemnyango ophumayo.

BabMongezi:”Ulele vithi egunjini lakhe nikhululeke.”

MaGugu:”Ngiyabonga bhuti.”

Amanda:”Kuzoba ngconywana ngoba kukhona ubaba.”

MaGugu:”Akafuni ukuhlala nje kuyafana uthi usafuna indlu makayithola emlingene uyahamba.”

Baxoxe baze bayongena egunjini likamamezala wakhe

Amanda:”Kwenzakalani kuye mama angaganwa kanti unengqondo.”

MaGugu:”Unesandla esihle futhi uyakwazi kuqondisa ingane, angazi nami mhlawumbe waloywa.”

Kungene uNkosnathi kepha avele ngobuso angangeni

Nathi:”Wena Amanda kanti sogane umama na?”

Azimoyizelele umawabo aye endlini encane uAmanda aphume nomyeni wakhe. Makaqeda kuzilungisa akhiye emnyango angene engubeni abuke umabonakude aphuze itiye lakhe. Makaliqeda acishe alale kubuye lokho kwezinyembezi ukhumbule umyeni wakhe. Nalokhu bekufika ebusuku akusezi noma bekuyiphupho mhlawumbe bekuyiphupho yena ngoba uyalifisa kwaba ngathi kwenzeka ngempela. Akhale aze azunywe ubuthongo umaGugu noma sekalele unesibibithwane.

Phakathi  nobusuku makathi uyaphenduka kumnyama bhuqe la egunjini lakhe ezwe ukuthi akalelanga yedwa.

MaGugu:”Nguwena?”

“Yebo yimina.”

MaGugu:”Ubukuphi kulezinsuku ezendlule?”

“Ubusemalangeni akho ngiyazi ubungangifuni makunjalo.”

MaGugu:”Ngicela ukukubona myeni wami.”

“Indlela engikubamba ngayo nephunga konke uyakuzwa, ngicela ungalangazeleli ukungibona manje ujabule.”

MaGugu:”Yazi wenza ngihlale ngifisa kuthi lishone ngizozwa izandla zakho kimi kodwa ngiyasaba.”

“Usabani?”

MaGugu:”Ngelinye ilanga uzoyithola indlela yakho uhambe uyophumula unomphela mina ngizosala dengwane.”

“Gugulami okwamanje jabula unakekele izingane zethu uyazi nawe umama makajabulile izingane zijabulile nazo.”

MaGugu:”Ubhuti umulandile uSinalo uzohlala nathi aze athole indawo ekahle uyazi nawe kwakudala lezingane ziyamuthanda.”

“Akunankinga akudingi kuthi uchaze.”

MaGugu:”Angikaqedi ezinsukwini zami uyakwazi lokho?”

Ahleke kancane alizwe lephimbo uGugu achazeke naye.

“Gugulami ngiyazi ngize ngoba ngikubonile ungikhumbulile, uzolala la ezandleni zami singenzi lutho njengosuku lwethu lomshado.”

Ahleke umaGugu makacabanga umshado wabo.

MaGugu:”Ngangiphoxekile kodwa.”

“Mina ngajatshuliswa ukuthi ubusezandleni zami ubusuku bonke, nanamuhla sizokwenza njalo.”

MaGugu:”Usungaze ujatshuliswe yilokho nje.”

“Awazi bengijabula njengengane encane uma kumele ngizogona gugulami.”

MaGugu:”Ngempela?”

“Ngempela wena uligugu lami kuyohlala kunjalo futhi ngisho nokufa ngeke kukuguqule lokho.”

Azisondeze uMaGugu  kumyeni wakhe belokhu bephululana babuye baqabulane aze azumeke. Makaphaphama sekuqala ukukhanya kepha kusasemunyama izinkukhu seziqala ukukhala aphenduke  usasezandleni zomyeni wakhe. Ehlike kancane athi ufuna kuyokhanyisa.

“Gugulami ngizokushaya ugula unjalo.”

Avuke naye ngokushesha amubambe asathi uyakhanyisa ahleke uGugu

MaGugu:”Kanti kungani ungafuni?”

“Indoda seyikhulumile angithi.”

MaGugu:”Masosho njalo ngiyazi soqedile.”

“Buya sizolala.”

Babuyele engubeni  amuphulule aze azumeke masekanesiqiniseko sokuthi uzumekile asukume aqonde emnyangweni owaziwa nguye yedwa athinte isitini kuvuleke  aphume aphinde avale engaphandlle. Makaphaphama futhi umaGugu akasekho umyeni wakhe ashintshe indawo yokulala alale endaweni yakhe. Iphunga lakhe lisekhona aze azigubezele kuthi alizwe kahle, alihogele amoyizele. Afise ngathi angazisa izingane zakhe kepha ngeke zimukholwe, manje uyazifisa ukube unomngani azomuxoxela lento eyenzekayo. Ungumfelokazi osajabula nomyeni wakhe…….

***ISIQEPHU 36***

***KWANSIZWA***

Ekuseni ngoMgqibelo uNsizwa ulele noMihla ubusuku bonke bebaziphuzela, ngenxa yokusaba ukuba yedwa uNsizwa usehlala elanda uMihla ukuze angezu kucabanga ngomkakhe. Avuswe ucingo lwakhe aluphendule

Nsizwa:"Baba."

Khumalo:"Vula isango."

Athuke uNsizwa phela ubaba wakhe akajwayelanga ukuza la futhi ngezimpelasonto usuke asesitolo kubheka kuthi konke kuhamba kahle na. Azitshele ukuthi uyandlula kukhona akudingayo futhi ngeke angene egunjini lakhe. Amuvulele ehle ayomuvulela umnyango. Angene nomawakhe kanye nezisebenzi zabo ezintathu zona ziqonde ekhishini ziphethe ammabhodwe. Bangene abazali bakhe baqonde kusofa kunamabhodlela amabhiya etafuleni.

MaKhumalo:"Ntombi omunye akeze azohlanza ngapha ababili bazoqhubeka ngokupheka."

Nsizwa:"Kwenzakalani ma?"

Bangakaphenduli abazali bakhe kuqhamuke uMihla engagqokanga lutho ngisho iphenti uzixikixa amehlo ngapha uyamubiza.

Mihla:"Love."

Bamubheke abazali bakhe babhekane babuye babheke uMihla makasusa isandla naye emehlweni athuke afulathele ngokushesha abuyele egunjini. UKhumalo aphendukele kwindodana yakhe ngolaka

Khumalo:"Into ekzwenza uhlale le yingakho ungayi koncenga umakoti."

Nsizwa:"Ngiyile baba wathi akasangifuni."

Khumalo:"Wabona kuthi ugcine lapho."

Akhuphuke umama Nsizwa aqonde egunjini imulandele indodana yakhe. Afike avule alahlele umnyango le amufice agqoka etatazela

MaKhumalo:"Thatha konke okwakho uphume la ungaphinde ubuye  uyangizwa."

Angene uNsizwa

Nsizwa:"Mama ngicela uphume egunjini lami."

MaKhumalo:"Ngikhathele ukuphiphana nawe Nsizwa wenza lamanyala egunjini laDansile ucabanga ukuthi usazokuxolela makabona lododi owenza emzini wakhe."

Nsizwa:"Ma please."

MaKhumalo:"Wena kumnandi kuwe ukuchitha imizi yebantu ungazovula imilenze embhedeni womunye umfazi, heeeee?"

Athuke uMihla akhumbule amazwi kasesi wakhe abheke uNsizwa ongabonakalisi ukusaba.

Mihla:"Unomfazi Nsizwa?"

MaKhumalo:"Hamba la wena umndeni waDansile uyeza manje zilungise ususe wonke udodi walentombazane."

Athathe isikhwanyana sakhe uMihla aphume uNsizwa agqoke isikibha azame ukuphuma amuvimbe umawakhe.

Nsizwa:"Ngiyeke ngimuphelezele ma kuchelile kubo kanti awekho amatekisi ngizobuya."

MaKhumalo:"Awuyi lapho ngena phakathi uyogeza."

Ahluthuke kumawakhe uNsizwa aphume amulandele emuthethisa aze ayophuma ngesango. Akhiphe imoto egaraji uyazi uzomuthola emgwaqeni uMihla. Sekabe noMihla isikhashana eqaleni wayefuna kuzilalela naye kodwa manje sekunenhlansi yothando kanti uyamuthanda nomkakhe. Akhiphe imoto amubone la ahamba khona amulandele angafuni ukugibela amise imoto manje ucabanga nomndeni kaDansile kuthi uzoqhamuka. Ehlike emotweni amubambe uyakhala uMihla

Mihla:"Ngiyeke Nsizwa ungiqambele amanga hamba uye kwakho."

Nsizwa:"Yekela ukuzenza isilima nawe ngiphume ngenkani ekhaya ngoba ngifuna ukukuphelezela. Ngena emotweni uyekele ukunyanyisa ngomsindo mina ngizokuyeka la angazi uzofika kanjani kini ngoba uyazi awekho amatekisi la kumasurbubs abantu banezimoto zabo."

Amushiye lapho ayibone lento ayishoyo uNsizwa amulandele agibele emuva ayisuse imoto ngesivinini. Ulokhu uyamubona uMihla uyakhala into eyenza uNsizwa azizwe ngathi uyamuthanda uMihla ukuthi uyamuyeka enze into ayifunayo akaphikisani naye njengenkosikazi yakhe.

Nsizwa:"Ungahambi makuphela endlini ngizoza sizokhuluma ngikuchazele kahle."

Mihla:"Ubungangitsheli ngani ungiyeke mina ngizikhethele uma ngifuna kuba nawe ushadile noma cha?"

Nsizwa:"Ngiqeda kusho ukuthi makuphela ekhaya ngizoza sizokhuluma asingacasulani."

Athule uMihla

Mihla:"Awungitshele ingabe uSbongile wayeqinisile makathi bofuna kulala naye ngenkani? Yonke lento ingenza ngizibuze ukuthi ungiqambele amanga angakanani uSbongile kuphela komngani wami weqiniso."

Nsizwa:"Mangabe ufuna kukholwa umngani wakho okwakho lokho mina ngeke ngilokhu ngikhuluma into eyodwa kaningi. Ngizokuyeka ngeke ngiseza ngizoza mzukwana uhluzeka lekhanda lakho uzongitshela wena."

Ashayele uNsizwa ayimise la ahlala amudiliza khona

Nsizwa;"Ungishayele masozimisele ukukhuluma njengomuntu omdala."

Angakholwa uMihla ehlike emotweni noNsizwa ayisuse ngesinye isivinini inkosikazi yakhe izomufica ayilindele.

Endlini basaqhubeka bayalungisa

Khumalo:"Lomfana uyangidina yazi ngizizwa nginamahloni ngalento esiyibonile, sizoncenga ingane kaKhoza aqeda kwenza amanyala anje emzini wakhe."

MaKhumalo:"Asithembe ukuthi ngeke aphinde myeni wami, lomfana uyamuthanda uDansile angazi kwenza njani noma ileso lakwaKhumalo lokuthanda abesifazane."

Khumalo:"Usho ukuthini manje nkosikazi?"

MaKhumalo:"Nawe unezakho izono ukuthi angikhulumi ngazo, namanje indlela bobuke ngayo lentonjanyana yaNsizwa ingicasulile"

Khumalo:"Ngakwenza okubhedayo siqeda kuthandana kodwa emva komshado ngayeka nkosikazi ngisakuhlonipha nanamhlanje. Okokubheka uyazi nawe iso liwela umfula ugcwele nxese mamakhe."

Asukume ayohlala celeni kwakhe amubuke bamoyizelelane

MaKhumalo:"Kuphakamile mawumubona?"

Amoyizele uKhumalo

Khumalo:"Bengithukile nje yazi ukubona into ongayilindelanga akuphakamanga uyazi nawe ubuzobona ngoba ukudla kwakho akucashi makunjalo."

Bahleke bobabili angene uNsizwa aqonde egunjini lakhe ayogeza abhekisise kuthi akukho okusele kwaMihla. Athathe ucingo lwakhe amuthumelele umlayezo bese ucisha konke izithombe bebazithatha ndawonye ngisho nemilayezo aze abhlokhe inombolo yaMihla. Makehla azohlala nabazali bakhe

MaKhumalo:"Tshela uNtombi ayoshintsha lezinto zombhede aziwashe nx."

Khumalo:"Sengathi sivuma lamanyala wakho siyakufihlisa uyisishiphi sengane wena."

Asukume ayocela uNtombi ayomulungisela egunjini lakhe abuye abuke abazali bakhe ngendlela abathandana ngayo noma sebakhulile, ubaba wakhe uyamuhlonipha umawakhe.

Khumalo:"Hlala phansi ndodana."

Ahlale kepha angabuki abazali bakhe

Khumalo:"Nsizwa wena washesha ukuhalela ukushada manje ngiyabona, ingabe usamuthanda umakoti na?"

Nsizwa:"Ngiyamuthanda baba uDansile kakhulu."

MaKhumalo:"Manje yini inkinga, kukhona akwenzayo na okukuphushela kubufebe?"

Nsizwa:"Eqinisweni akukho yimina nje ohlulekayo ukuzibamba."

Khumalo:"Mina ngandlula kulento oyenzayo kodwa masoshadile kumele kube nomehluko, yekela ukuhamba lezindawo zokuphuza zijwayeze ukuthenga ubhiya wakho uze uzowuphuzela ekhaya celeni kwenkosikazi yakho. Mawuqala kuzobhora kodwa uzogcine ujwayele. Yenza konke nomkakho uhlale usekhaya."

Nsizwa:"Ngiyezwa baba."

MaKhumalo:"Uyabona lento eyenziwe umakoti manje iyakhombisa ukuthi sekakhathele akasenakho ukubekezela. Uthathe izinto zakhe wabuyela kubo washiya ngisho imoto yakhe ayithandayo. Vuka emaqandeni Nsizwa ngoba uzomukhomba sekasempilweni yomunye umuntu wesilisa."

Khumalo:"Ingane niyazifuna?"

Nsizwa:"Kudala sizama baba ayiveli angazi kwenzakalani ngisho noDansile sekayeka ukuhamba bodokotela ngoba bathi asinankinga sobabili."

MaKhumalo:"Ingane izovela wena masoyeka wonke lododi."

Kusondele omunye wezisebenzi.

"Sebafikile baba abakwaKhoza."

Khumalo:"Bangenise."

MaKhumalo:"Makuphela la uhambe uyolahla lentombi yakho yamathanga amakhulu."

Amangale uKhumalo uNsizwa abambe ukuhleka, bangene asukume uNsizwa athuke futhi makabona ubaba Dansile ngoba akakaze amuseke ngokushada. Uyathusa lobaba akabhekeki futhi akahleki akakholwa ukuthi uyakwazi nokuhleka. Kungene ubhuti waDansile ngemuva athuke kakhulu, naye uLwazi unesithunzi njengobaba wakhe. Babingelelane baxhawulane uKhoza akaxhawuli muntu uyaziwa kwasekuhlaleni nje ugcina ngokubingelela kuphela.

Amehlo aNsizwa ahlale kwinkosikazi yakhe inciphile kodwa yinhle ayishintshi emehlweni akhe futhi. Bahlale phansi uDansile makathi uhlala phansi

Khoza:”Hayibo hlala lapha celeni komfowenu.”

Bathule bangasho lutho asukume ayohlala celeni kwaLwazi

Khoza:”BoMntungwa nisibizile nakhu la esikhona.”

Khumalo:”Siyabonga kakhulu Mkhathini ngokusabela, sicela ukuthi sisize lezingane ezimbili zingalahli umshado wazo kanje.”

Khoza:”Ingabe zona ziyafuna ukusizwa?”

Khumalo:”Phendula Nsizwa.”

Nsizwa:”Eya baba mina ngiyafuna kusizwa.”

Dani:”Eya baba nami ngiyalucela usizo.”

Khumalo:”Okokuqala nje engifisa kukusho ukuthi uthando lweqiniso luyimvela kancane nina senilutholile yekani ukudlala ngalo.”

Khoza:”Lukhona yini uthando lweqiniso phakathi kwabo?”

Khumalo:”Ngiyacabanga lukhona mnumzane.”

Khoza:”Mina ngifuna ukwazi ukuthi yini imbangela yalento elokhu iyenzeka emshadweni wabo?”

Kuthuleke

Khoza:”Nsizwa angisuye umuntu ogudla iguma ngikhuluma ngiqonde asikho isidingo salomhlangano. Umdala mawungaka ngeke kulokhu kuncengwana nawe mangabe uyazizwa ukuthi indodakazi yami ayisakwenzi kahle unalo ilungelo lokuyiyeka futhi akekho ozokubeka icala.”

MaKhoza:”Baba.”

Khoza:”Mana nkosikazi uyabona isilima sendoda esihamba sihudula wonke amalokwe la ngaphandle sibe sinenkosikazi. Ontanga bakho basacingana nomaqondana babo nayi indodana yami uLwazi uyayifisa impilo oyiphilayo yokuba nomuntu aphilisana naye kubuhlungu futhi. Wena unakho konke udlala ngakho.”

Abheke phansi uNsizwa

Khoza:”Mina ngize la ngenxa yendodakazi yami ithe ngicela ukuya baba, mina ngake ngalingana nawe ngiyathemba nobaba wakho wake wabangaka ngawe. Kumele ekukhuleni mawuyindoda kufike kuwe ukuthi sekwanele manje. Manje ngiyaqonda kungani ninganazo izingane noma ninesikhathi eside nishadille.”

Khumalo:”Ucabanga ukuthi kungani Mkhathini?”

Khoza:”Ingane izothola zonke leziqalekiso ezenziwa uyise, makuyintombazane nayo izodlalwa abafana ngenxa yamanyala wababa wayo. Ziyakhala phela izingane zabantu masozilahla ubuyela kumkakho naye okhalayo.Phila uqonde ngoba uzothwesa izingane zenu iziqalekiso zakho. Akukho ofuna kukusho ngezenzo zakho mawuphendula ukhumbule ukuthi lo uDansile uyingane naye kubazali bakhe abafuni ngaye.”

Ahlikihle izandla uNsizwa kepha usabheke phansi

Nsizwa:”Ngiyaxolisa emndenini wonke kakhulukazi kwinkosikazi yami. Anginayo incazelo yezenzo zami kodwa engingakuthembisa ukushintsha ngicela ubuye ekhaya Dansile iphutha lami ngilibonile liyangiswabisa futhi.”

Khoza:”Nsizwa iphutha mawuqala kepha masophikelela indelelo.”

Nsizwa:”Ngiyaxolisa.”

Athule uKhoza sekakukhulumile afuna kukusho

Khumalo:”Ukhulumile umkhwe wakho ndodana shintsha, asazi kumakoti mangabe kukhona afuna kukusho.”

Dani:”Ngiyalwamukela uxolo lomyeni wami kepha ngifuna azi ukuthi emva kwalokhu kwaba khona okunye okuvelayo ngizowasebenzisa lamaphepha esahlukaniso. Ngikhathele ukuzwa ubuhlungu ngalohlobo.”

Nsizwa:”Hawu sthandwa sami usufake namaphepha esehlukaniso?”

Abonakale uNsizwa ukuthi uphatheka  kabi futhi uzwa nobuhlungu.

Khoza:”Buka uthuka kanjani ngokukhulunywa nje kwesahlukaniso manje uzenzelani zonke lezinto?”

Abheke phansi uNsizwa akanayo impendulo ngoba naye akazi ukwenzelani.

Khumalo:”Sizohlawula Mkhathini sigeze umuzi wakho uma kunesidingo.”

Khoza:”Inhlawulo ayikaze iqondise ukucabanga komuntu, ngifuna yena ahlawule ngokwenza kahle empilweni yendodakazi yami kuphela.”

Bavumelane abantu abadala uDansile asukume ayobheka ekhishini uLwazi alandelane noNsizwa nabo bayohlala kwenye indawo bodwa bazixoxela. Nabomama nabo bazibone ukuthi baya kuphi kusale bobaba bahlezi nabo sebayaxoxa bayahleka. Kudliwe kubemunandi sebakhohliwe intukuthelo abafike nayo…

***ISIQEPHU 37***

***KWAMZOBE***

UMihla afike kubo ayogeza ashintshe izimpahla, makaphuma egunjini lakhe azithele kumawakhe ongazange amubuze into amushaye ngenkulu impama. Azibambe esihlathi amangale abheke umawakhe.

Mihla:"Ma."

Azame kumushaya futhi abalekise ubuso bakhe

MaMzobe:"Wena usukwazi ukuhamba ubusuku bulandelana Mihla ewakuphi lomfana okukhohlisayo."

Mihla:"Usungaze ungishaye kabuhlungu kanje ma."

Mihla:"Ngithi ewakuphi lomfana?"

Athule angaphenduli abuyele egunjini lakhe athi uyakhiya awuphushe umnyango umawakhe angene ngenkani.

MaMzobe:"Ngithi ewakuphi lomfana okukhohlisayo ngoba umfana okuthanda ngempela ngeke enze lento, akuthathe ubusuku bulandelana, soyaphuma nje awunandaba uyazenzela, uthi athini ubaba wakho?"

Mihla:"Mama ngikhulile manje azange ngikuhluphe nakancane."

MaMzobe:"Ubona ukuthi ukhulile mawuhamba ebusuku Mihla."

Mihla:"Ngisuke ngingekho ebungozini uyangilanda bese siyohlala kakhe."

MaMzobe:"Azange sakhuluma ngaleyo."

Mihla:"Mama wena wathi sengikhulile usungamuvuma umkhwenyana."

MaMzobe:"Ngokusho njalo azange ngithi zinikele endodeni Mihla, lomfana makaqeda ngawe uzokushiya ulenga ngoba awufuni nokuboniswa."

Mihla:"Ngiyaxolisa ma."

Adonse umoya umaMzobe ahlale phezu kombhede

MaMzobe:"Ngiyazi ukuthi ukhulile manje kodwa le akusiyo indlela ekahle."

Mihla:"Ngizobonana naye kanjani uma ngingayi kuye ma?"

MaMzobe:"Umuntu wesilisa uma ezimisele ngawe akajahi ukuhamba nawe futhi uyawuhlonipha umuzi kababa wakho. Uyabona uNathi indlela enza ngayo."

Mihla:”Ahhh mama ngeke ukhulume nami kahle ungafaki uAmanda nomyeni wakhe? Ungenza ngizibone ngingasilutho kuwe wena ukhonze uAmanda kundlula mina.”

MaMzobe:”Hayini Mihla azange uthole injabulo nothando kimi?”

Mihla:”Ukhuluma nami manje umyeni kaAmanda ungena ngani mama?”

MaMzobe:”Anginichathanisi ngifuna ukukubonisa umshado onothando unjani, ngifuna ukwazi ukuhlukanisa phakathi komuntu ozele kuzodlala ngawe nokuthanda ngeqiniso.”

Mihla:”Ungakwenza lokho ngaphandle  kokufaka abanye abantu angithandi mina.”

MaMzobe:”Kwenzakalani ngawe Mihla?”

Mihla:”Lutho.”

MaMzobe:”Pho ufunde nini kukhuluma nami ngalohlobo?”

Mihla:”Ngikhuluma kanjani ma ngoba ngikutshela into ekhona.”

MaMzobe:”Lalelake ntombazana la ngeke ngihlale nawe masozibona ukuthi ungumfazi, abafazi bayaphuma emakubo bayokwakha imizi yabo. Mina ingane engizohlala nayo ile engizolala nayo zinsuku zonke ilalele futhi mayikhuzwa. Ngiyakutshela manje ukuthi lowo mfana akakuthandi. Ngizwa ngingamufuni ngalesenzo sakhe ngingakamboni.”

Athule uMihla makacabanga ukuthi uNsizwa kuthiwa unenkosikazi into azoyithini le ngoba uyamuthanda yena manje. Nangu nomawakhe amuphiphitha athi akafune soka la. Aphume umaMzobe asale ekhala uMihla ukuthethiswa umawakhe akusiko okumkhalisayo, ukhaliswa ukuthi isithandwa sakhe sishadile kanjani akakwazi ukuqonda. Emva kwamahora ambalwa avuke ayokwenza ukudla umawakhe uyapheka yena azenzele isinkwa. Kungene ubaba wakhe abingelele kuvume umaMzobe kuphela.

Mzobe:”Kwanuka kamnandi niphekani?”

Abeke lokhu akuphethe etafuleni angene ababheke

Mzobe:”Mihlayenkosi wena unesibindi sokuhlala kanje udle umawakho apheke, iphi lemfundiso bekaninika yona njalo ngokupheka?”

Azithulele uMihla aqhubeke nokudla.

Mzobe:”Ngikhuluma nawe Mihla.”

Mihla:”Ngimufice apheka baba.”

Mzobe:”Mxm ngeke uze umsize noma umufice sekaqalile?”

Kukhale ucingo lwakhe egunjini aluzwe asukume afulathele ubaba wakhe asakhuluma.

Mzobe:”Uyaphi ngisakhuluma nawe?”

Angaphenduli ayongena egunjini lakhe akhiye emnyango ucingo seluthulile, abheke ukuthi ubani bekamushayela inombolo angayazi ancene nokuyishayela. Lukhale futhi alubambe.

Mihla:"Hellow."

"Mihla."

Mihla:"Ufunani Nsizwa?"

Nsizwa:"Kumele sikhulume ngiyaxolisa ngokungakwazisi ukuthi ngishadile kodwa ngizokuchazela."

Mihla:"Angifuni kuzwa lutho Nsizwa hlala nomndeni wakho uhlale nenkosikazi yakho.'

Nsizwa:"Hhayi phela ngenza ubuntu ngokuxolisa kuwe wena mawulokhu udlala ngami ngoba ubona ukuthi awuyifuni incazelo kukahle ngizoyeka kukuchazela."

Avale ucingo lwakhe uMihla asale ekhungathekile sekubukeka ngathi nguyena osephutheni. Acabange lento eqeda kwenzeka azibuze

Mihla:"Ingabe bekungamele ngithukuthele, umuntu nguye  yedwa ongenzanga kahle sekujika kunguye kubengathi yimina ongakhulumanga kahle. Agibele embhedeni alale futhi…

***KWANTULI***

USbongile nguyena ovuke kuqala namuhla walungisa ukudla akusenalutho endlini umawakhe usaba nokuphuma nje ngenxa yesimo sikaSbongile. Azame kuthi akayothenga isinkwa ngoba esalele umawakhe bandla. Abone ukuthi uyamuhlukumeza umawakhe kanti wamukhuza ngokuhamba yena waqamba namanga. Aphume ahambe elokhu ehamba ngobonda kuthi kungaphela ubonda aqhamukele ebantwini noma sekavula isango akumnandanga.

Ahambe akukho muntu emgwaqeni athi angavelela ngakhabo Mihla abone imoto iza iqondile ashawe olunye uvalo ajike ngejubane. Abaleke sekaqonde kubo makabheka emuva imoto iyamulandela agijime uSbongile ayongena kubo nesango alishiye livulekile ayongena endlini avale umnyango. Umawakhe amangale ngoba uqeda ukuvuka ngendlela akhiya ngayo ngathi kukhona akubalekelayo. Abheke efasteleni

MaYoliswa:"Kwenzenjani sesi, ubuyaphi manje?"

Uphefumulela phezulu makabona lemoto ima ngaphandle kwegceke athuke futhi asuke ayongena egunjini labo nomawakhe.

Sbo:"Uyangilandela ma uzongibamba."

MaYoliswa:”Ubani?”

Angaphenduli ayoziphosa egunjini angene ekasini lezimpahla umawakhe ahambe ayobuka efasteleni ayibone imoto bese uzwa umuntu ekokoda emnyango ahambe ayovula kepha isango lomnyango likhiyiwe. Hawu uSinalo lo amuvulele angene naye uyathalaza.

Sinalo:”Sawubona ma"

MamYoliswa:”Yebo ndodana unjani?”

Sinalo:”Ngiyaphila yazi angazi noma ngibone kahle na uSbongile lo abegijima emgwaqeni?”

MamYoliswa:”Ubone kahle baba ungene agijima la uthi uyamulandela ucashile manje angimazi nokuthi abefunani emgwaqeni, lomntwana uzongifaka enkingeni.”

Sinalo:”Akakaxoli?”

MamYoliswa:”Cha akakhoni kuphumela ngaphandle nami angisakhoni nokuhamba ngoba uyasaba. Buka ndodana asinakudla la endlini ngoba angikhoni ukuphuma.”

Sinalo:”USbongile kumele athole usizo ngathi lento uyithathele enhliziweni kakhulu, izomulimaza noma izokwenza kuthi imuvelele uyazi ukuthi into umuntu ayisaba kakhulu ivele yenzeke iphindelele.”

MamYoliswa:”Ngizomusiza kanjani mina ndodana ngingnanayo nemali yokumuyisa kuyolulekwa.”

Sinalo:”Ngicela ukuhamba naye ngiyathembisa ngeke ngimuphoqe, kumele abe ngaphandle lento izophuma.”

MamYoliswa:”Ndodana wena akumele ngabe uya emsebenzini usungalibalwa uSbongile azihlanyisa ngathi udlwenguliwe vele.”

Sinalo:”Ngidliwa unembeza mama.”

MamYoliswa:”Unembeza wani?”

Adonse umoya

Sinalo:”Mangingakutshela uzonginqabela kuthi ngisize indodakazi yakho, ngicela ukumusiza masekakahle ngizokutshela.”

MamYoliswa:”Ngikuthembe kodwa ngendodakazi yami eyodwa nawe ungumuntu wesilisa. Asiqale manje ungitshele ngizokwazi kuzikhethela ukuthi ngikuthembe noma cha.”

Adonse umoya uSinalo ahlale phansi ngoba balokhu bemile

Sinalo:”Lomuntu ocishe wamubamba okwesibili emotweni ungubabomncane wami.”

Abheke phansi umamYoliswa abuye abheke uSinalo.

Sinalo:”Ngicela ukumsiza ngoba lomuntu omenze kanje wasekhaya futhi uma afuna kumubophisa amaphoyisa niwalayele ekhaya.”

MamYoli:”Ndodana ngiyalibonga iqiniso lakho ngicela uphephise indodakazi yami kuleyo ndlavini.”

Sinalo:”Ngiyathembisa ngempilo yami ma makanami ngeke amusondele nakancane ngicela nje ungivumele ngiphume naye.”

MamYoli:”Kulungile angikuphi intombi ngithi ngicela usize ingane yami siyezwana.”

Amoyizele uSinalo

Sinalo:”Mama ngithembe akukho engizomenza kona, yazi imbangela yalento ngiyabona ukuthi ujwayele ukuhlala endlini ukuphuma kwakhe kanye nje wavelelwa ilento.”

Amubhekisise uYoliswa

MamYoliswa:”Ungezi kuzongikhohlakalela la wena mfana ngoba ngizokugwaza nje ingane yami ike ibuye seyikhaliswa nguwe.”

Sinalo:”Angeke kodwa ngizoshiya manombolo ami uma sokhulumile naye ungishayele ngizoza.”

MamYoliswa:”Kulungile noma ungamuzama manje ngizokwazi ukuyothenga izinto nami asinakudla.”

Sinalo:”Namuhla ungasithuma kuthi siyothenga ngizomubheka kodwa makanqaba ngizokuyela ngedwa.”

MamYoliswa:”Ngiyabonga ndodana ithi ngibhale izinto engizifunayo.”

Ahambe ayothatha okokubhala egunjini labo

MamYoliswa:”Sbongile phuma sesi uSinalo ukhona.”

Aphume umawakhe anikine ikhanda

MamYoliswa:”Hamba uyomubingelela ungale.”

Aphume uYoliswa asale ebhala phansi

Sbo:”Sawubona.”

Amubheke uSinalo angaphenduli izinwele zakhe zisabalele amubone emuhle, amoyizele

Sinalo:”Unjani?”

Sbo:”Ngiyaphila.”

Sinalo:”Ngicela ungiphelezele.”

Sbo:”Uya kuphi?”

Sinalo:”Ezitolo ngithunywa umawakho.”

Abuke ngaphandle

Sinalo:”Bona Sbongile uyazi nawe ngeke uhlale la endlini impilo yakho yonke manje kuzophuma imiphumela eskoleni kuzomele uyoyilanda.”

Sbo:”Manje ufuna ukungiphoqa?”

Sinalo:”Cha ngifuna ukuhamba nawe nje sizohamba ngemoto sithenge bese siyabuya, awuhaleli ukushawa umoya nawe.”

Sbo:”Ngiyahalela kepha ngiyasaba lomuntu ngimubona yonke indawo.”

Sinalo:”Noma angaba yonke indawo uzobe uhamba noSinalo angithi.”

Sbo:”Kulungile singahamba.”

Umawakhe sekaqedile ume emnyango ubabhekile kahle kahle akamuthembi ngokugcwele uSinalo. Noma angalunga kanjani kodwa ungumfana

Sbo:”Kuzomele ngishintshe ngigqoke okunye.”

Sinalo:”Mina angiyiboni inkinga umuhle liyakufanela ilokwe lakho ungakama nje.”

Athuke sekashilo ukuthi muhle amubuke noSbongile

Sinalo:”Ekhaya nginosesi omncane njalo makaqeda ukugqoka uyeza egunjini lami azongibuza kuthi muhle na. Ungangixwayi ngiyakwazi ukubona into mayikufanela noma cha.”

Sbo:”Unenhlanhla usesi wakho ngokuba nobhuti ngiyacabanga uvikelekile.”

Adabuke umawakhe

Sinalo:”Ungaba usisi wami nawe kodwa mangabe uzothula mangikuthethisa.”

Sbo:”Kanti uyathethisana?”

Bahleke afulathele nomawakhe azenze ophumayo egunjini anike uSinalo lephepha amunike nekhadi. Umubheke ngqo emehlweni ufuna kumufunda.

MamYoliswa:”Lalela la ngiyathemba awubuki intombi enganeni yami.”

Sinalo:”Cha ma ngifisa kusiza nje kodwa umama uma angangithembi ngingacela usesi wami kube nguye omsizayo mina ngisuke duze naye.”

MamYoliswa:”Hambani namuhla sibone ukuthi kwenzanjani.”

Bahlale amuchazele ukuthi ufuna ini enjani aqhamuke uSbongile sekashintshile wagqoka ilokwe eliphezudlwana kwamadolo lifaswa namakinobho phambili. Limulingene kahle esifubeni lakhipha nefiga yakhe malifika ezinqeni lisabalele kodwa kahle. Asheshe ashalazele uSinalo noma sekakhungathekile umama Sbongile amubheke amufice azichofozisa ucingo lwakhe. Naye angakhululeki ilelokwe aligqokile ngoba indodakazi yakhe ime kahle ushawa luvalo nje.

MamYoliswa:"Kungani ungagqoki ibhlukwe elide sesi?"

Sbo:"Afuna ukuwashwa wonke ma."

Adonse umoya uyabona ukuthi makahlala phansi lelokwe lizokhuphuka kancane

Sinalo:"Singahamba manje, kukhona la okumele ngiye khona emva kwamahora amabili."

MamYoliswa:"Kulungile ndodana."

Baphume asalele emuva uSinalo

Sinalo:"Mama khululeka ngizomuletha khona la makangakhala singakafiki nakuphi ngizojikisa imoto ngimulethe."

MamYoliswa:"Kulungile ndodana."

Sinalo:"Manje kukhona umama azokudla?"

MamYoliswa:"Kukhona ndodana."

Baphume asale ababuka avulele indodakazi yakhe umnyango bese uyongena naye ayisuse. Adonse umoya uYoliswa  ashayele ubhuti wakhe alubambe

Dumsane:"Sisi."

MamYoliswa:"Ngiyancenga nje bhuti wena unjani?"

Dumsane:"Ngiyaphila ngisendleleni eza lapho."

MamYoliswa:"Hawu ukube ushilo bhuti ngizokulungisela."

Dumi:"Ungakhathazeki ngami dade ngikahle ngifuna ukuzobona umshana wami nje."

MamYoliswa:"Kulungile uzongifica khona la endlini."

Ahlale esitulweni acabange athathe ucingo lwakhe achofoze inombolo kaSbongile…..

***ISIQEPHU 38***

***SINALO NO SBONGILE***

Ihambe imoto kuthulekile phakathi uSbongile uphendula lokhu abuzwa kona.

Sinalo:”Sesifikile ukahle kuhamba phakathi kwabantu?”

Sbo:”Ngikahle uma nje ungeke ungidoje.”

Sinalo:”Angeke.”

Sbo:”Kube utshela intombi yakho ngoba uma ingaqhamuka izolwa bese uhamba nayo ngizosala.”

Ahleke uSinalo

Sinalo:”Isemsebenzini manje futhi isebenzela phakathi edolobheni ngeke ibonakale.”

Sbo:”Kulungile singehla.”

Adonse umoya uSinalo makamuvulela umnyango kuthi aphume, aze amunike isandla ukuthi asibambe behlike. Bangene phakathi abantu bayazihambela nje banake izinto zabo.

Sinalo:”Uthenga kuphi umama?”

Sbo:”EShoprite.”

Sinalo:”Asingene la ewoolworths.”

Sbo:”Ngeke ajabule umama ngoba ngemali esalayo kumele akhokhe ezinye izinto, manje iwoolies iyabiza.”

Sinalo:”Sizothenga izithelo zakhona bese lokhu okunye siyokuthenga kwenye indawo.”

Sbo:”Ufake nokuthi ufuna izithelo? Phela asizithengi izithelo ngoba incane imali.”

Sinalo:”Anizithandi noma kungenxa yemali?”

Sbo:”Imali.”

Sinalo:”Uwedwa kubazali bakho?”

Sbo:”Kumama ngingedwa angazike kubaba ngoba angimazi naye.”

Bangene uSbongile abone owesilisa amubhekile asondele kuSinalo afake isandla sakhe ekhwapheni lakhe amubuke naye abonelo ombhekile.

Sinalo:”Uyazi bazokubheka hhayi ngoba bafuna kukwenzakalisa kepha babukela ubuhle bakho abantu besilisa bayabukana vele.”

Beme athathe amagrapes uSinalo wonke umhlobo wezithelo bahambe bayokhokha. Mabafika ethilini amoyizele lo obakhokhisayo.

“Unjani Sinalo?”

Sinalo:”Ngiyaphila Betty wena.”

Betty:”Ngiyaphila, manje wangikhohlisa kuthi uyeza ngaze ngalala.”

Sinalo:”Nini?”

Betty:”Ngebirthday yami.”

Sinalo:”Ohhhhh ngiyaxolisa ngakhohlwa ngasuke ngaba matasa.”

Betty:”Kumele ukhokheke ngoMgqibelo kaMark?”

Sinalo:”Ngizokushayela ngempendulo:”

Baqede bahambe asale ebheka uSbongile kabi ashalazele uSbongile baphumele ngaphandle.

Sinalo:”Usekahle?”

Sbo:”Ngikahle.”

Bahambe bayongena eSpar

Sbo:”Sinalo kahle bo umama uzokuthethisa wena awumazi umama.”

Sinalo:”Hayibo buya uzothatha izinto zakini mina angikwazi kuthenga.”

Athathe uSbongile okunye ubuye akujikise bese uSinalo uyakufaka anganakile futhi umthathisa okukhulu.

Sbo:”Yazi ngicabanga ukuthi sesindlule imali bekumele siyisebenzise.”

Sinalo:”Asambe siyokhokha, ngisuke ekhaya ngingadlanga ngilambile manje.”

Bakhokhe bese bayaphuma

Sbo:”Ngiphathekile kuzomele sisheshe ukuhamba.”

Sinalo:”Hawu Sbongile mina ngisajabulele ukuba  awe.”

Sbo:”Hayibo yini okujabulisayo ngokuba  nami ngoba angikhulumi.”

Sinalo:”Akufuni  kuthi ukhulume.”

Sbo:”Kwamele ngiyozikhulula kodwa ngiyasaba.”

Sinalo:”Asambe ngizokulinda emnyango.”

Sbo:"Haaaaa ngizozibamba asambe."

Sinalo:"Asiyofaka izimpahla emotweni."

Bahambe babuyele phakathi sekuyisemini manje abantu sebaqala ukugcwala, baqonde etoilet yabesimame amulinde emnyango ngathi uzongena naye. Aphume emva kwesikhashana baqhubeke bayongena endaweni yokudla bafake order lapho balinde.

Sinalo:"Ngitshele ngoSbongile."

Sbo:"USbongile akukho akwenzayo impilo yami iyazibhorela nje."

Sinalo:"Uyafunda?"

Sbo:"Eya ngiyafunda unyaka wami wesithathu lo ngenza iDentistry."

Sinalo:"Udokotela wamazinyo wow im impressed."

Sbo:"Ngiyabonga."

Sinalo:"Uselelwe minyaka emingakhi?"

Sbo:"Emibili ngizothola idegree masengisebenza ngifuna ukuqhubeka ngifuna ukuba nesibhedlela sami."

Sinalo:"Kuzokwenzeka uma ungazimisela, ngiyafisa ukube nami ngiqondile kukhona into engigxile kuyo."

Sbo:"Kanti usebenza kuphi?"

Amoyizele uSinalo abheke phansi

Sinalo:"Ngisafunda."

Sbo:"Wenza ini?"

Sinalo:"Namuhla sixoxa ngawe.'

Sbo:"Sizoxoxa nini ngawe?"

Sinalo:"Masibonana futhi mangabe uzovuma."

Sbo:"Angisabanga namuhla mhlawumbe singabonana futhi, mngani wami."

Ahleke uSinalo kufike ukudla kwabo badle ngapha bayaxoxa umubuza izinto eziningi, akasabonisi nokusaba. Kukhale ucingo lwaSinalo aluphendule abheke isikhathi

Sinalo:"Shit im coming my man."

Aluvale abheke uSbongile

Sinalo:"Asambe."

Sbo:"Hawu."

Sinalo:”Sengishawe isikhathi uyakhumbula ngikutshela ukuthi kukhona la ekumele ngiye khona.”

Asukume uSbongile ashiye imali etafuleni uSinalo baphume ashayele aqonde la abizwa khona. USbongile sekamane uyathalaza ngoba indawo engajwayelekanga futhi kuthulekile la kuyizindlu kuphela. Behlike amubambe ngesandla

Sinalo:”Ungakhathazeki ngila ngiyaxolisa kukuletha la.”

Abambe isandla sakhe uSbongile asiqinise angamuphenduli bangene baqale bahambe kwiphasiji elingakhanyi kahle nalo. Baze bangene komunye umnyango khona kuyakhanya kahle. Kunabantu abayisihlanu besilisa athuke kakhulu uSbongile mabababheka. Asondele baxhawulane base studio

Sinalo:”Im so sorry im late I lost track of time.”

Omunye abheke uSbongile

“Kuyabonakala isizathu.”

USbongile eme ngasemuva kancane kuSnalo kuthi bangamuboni

Sinalo:”Mish my man senilikhethile iculo?”

Mish:”Ya silikhethile nali ngena ngale.”

Athathe iphepha athi uyongena la ekumele aculele khona amulandele uSbongile bamangale labangani bakhe.

Sinalo:”Sbongile laba abangani bami ngikhule nabo ngeke bakwenze lutho ngiyathembisa.”

Amuhlalise komunye usofa nakhona uyahlala ngoba uhlalisiwe kepha akazifuni ala iyamusabisa lendawo. Aye kulabangani bakhe ahlebe khona

Sinalo:”Ngicela ningabheki ngakuye uyasaba ngizonichazela later.”

Bavume bangamunaki vele balalele lento abayenzayo uSinalo angene kulegumbi elincane afake amaheadphones omunye ushaya ikeyboard omunye ukumadrums, omunye unamakinobho amaningi awachofayo nje. USbongile azibukele uSinalo baqale bacule babuye bathule bakhuzane amaphutha baqale phansi futhi.

Agcine sekakhohliwe ukuxwaya uSbongile asukume asondele ngakulefastela ababuka kulo abukele uSinalo. Afike eme celeni kwaMish amufake amaheadphones akhe alalele. Sekahehwa iphimbo likaSinalo manje uzwakala kahle bacule baphikisane baze baqede aphume ngale. Ayokhipha isigubhu samanzi ekasini lokubandisa awaphuze awabambise uSbongile baqhubeke ngokukhuluma.

Sinalo:”Izobonana ngoLwesihlanu band.”

Mish:”Namuhla awuhlali nakancane?”

Sinalo:"Lutho kumele ngimukise umy sister kubo."

Mish:"Sho brur sokubona ngoLwesihlanu."

Bahambe uSbongile usadunyelwa iphimbo laSinalo ezindlebeni zakhe bangene emotweni.

Sbo:"Ucula kamnnadi yazi."

Sinalo:"Ngiyabonga."

Sbo:"Yiyonanto othanda ukuyenza?"

Sinalo:"Yebo ngizithandela umculo mina kepha ekhaya abazwisisi manje ngisenyuvesi abazi nokuthi ngisacula."

Sbo:"Kukahle kodwa ukuthi ube neziqu zakho uyabona nawe umhlaba womculo unjani namuhla uyaziwa wonke umuntu uyakuthanda uthola ama award ngapha nangapha bese kuba khona okukuphazamisayo kuba nzima ukuzibuyisela phezulu. Kanti imfundo akekho ongayithatha kuwe."

Athule uSinalo acabange lento ayishoyo bese uyamubuka.

Sinalo:"Ngizofunda uma uzongithembisa nje ukuthi njalo mangine gig uzohamba nami."

Sbo:"Yini lokho manje?"

Sinalo:"Siyaqhashwa angithi siyocula la esibizwe khona mangabe kukhona la esibizwa khona uzongiphelezela."

Amoyizele uSbongile

Sinalo:"Mangihamba nawe ngeke ngenze nalomsangano esihlala siwenza futhi ngizojaha kubuya ngizofunda."

Baxhawulane

Sbo:"Deal kodwa nguwena ozokhuluma nomama."

Snalo:"Deal  manje ngizwa ngiyathuka ngathi kudala sihambile sekathukuthele."

Sbo:"Umtshele ukuthi bengingafuni ukubuya ngizwa ubumnandi bomoya."

Bafike amise imoto

Sbo:"Yooo kukhona umalume nayi imoto yakhe, mana ngivule isango ungene sizokwehlisa izinto kahle."

Sinalo:"Cha ngizolivula mina."

Ehlike noSbongile ehlike aqonde endlini ayojabulela umalume wakhe uSinalo afake imoto. Ehlike

MamYoliswa:”Anithenganga Sbongile nibuya kuphi kanti ngoba mina ngilinde umlayezo ukuthi imali iyaphuma kodwa lutho.”

Sbo:”Sithengile ma ngisayehlisa izimpahla.”

Angene uSinalo namapulastiki amanye abingelele

MamYoliswa:”Bhuti nguyena lomfana bengikutshela ngaye uSinalo, umlayezo awungenanga ndodana kuthi imali iyaphuma.”

Sinalo:”Inyanga mayiphelile kuba matasa lezinto zama app wasemabhenki zinokuhlupha mhlawumbe izongena ntambama.”

Dumsane:”Unjani mfana?”

Sinalo:”Ngiyaphila malume.”

Angene uSbongile namapulastiki elinye licishe ukuwa alibambe ngokushesha uSinalo izandla zabo zibambane ngephutha bese bayabukana.

Dumsane:”Kusekhona okunye?”

Sinalo:”Ahm mmm cha ungakhathazeki malume ngizokungenisa.”

Umama Sbongile sekathulile ubuke lamapulastiki angaka kukhona ewaseSpar sekahle uyazibuza ukuthi uselelwe imalini manje. Bawangenise wonke

Sinalo:”Nisale kahle ma sengiyahamba.”

MamYoliswa:”Awusaphuzi namanzi nje?”

Sinalo:”Cha ma ngiyabonga kudala ngihambile umama ngiyazi sekazongishayela manje.”

Dumi:”Uyakhathazeka ngomawakho?”

Sinalo:”Kakhulu, ngicela indlela.”

MamYoliswa:”Kulungile ngiyabonga"

Aphume amulandele uSbongile

Dumi:”Awuuu sisi bamuthathile umshana manje khohlwa.”

MamYoliswa:”Bamuthathe bamuyisa kuphi?”

Sbo:”Awumuboni uyazimoyizelela nje, yonke lento ubukhala ngayo mina angiyiboni ngathi unamanga.”

Bababuke efasteleni

Sbo:”Ujahe ngaleyo ndlela vele?”

Sinalo:”Cha kodwa angithandi ukunyamalala usuku lonke ekhaya, ubusafuna ngihlale?”

Sbo:”Cha  bengibuza nje uhambe kahle.”

Agoqe izandla  uSinalo ayamele emotweni amubheke uSbongile ashalazele.

Sinalo:”Ngeke usaba nenkinga yokuphumela ngaphandle manje?”

Sbo:”Angazi kodwa bengingathukanga kangako.”

Sinalo:”Ungibize noma umama akuthuma isinkwa la estolo mangiduzane ngizoza.”

Bahleke

Sbo:”Kulungile.”

Sinalo:”Hamba uye endlini ngizohamba.”

Sbo:”Cha wena hamba mina ngizosala ngivala isango.”

Sinalo:”Ngizolivala mina.”

Sbo:”Hayibo uzolokhu wehla ugibela kahle bo.”

Angene emotweni uSinalo ahlehlise imoto ayikhiphele ngaphandle bese uyayimisa futhi ehlike azomuphushisa isango. Endlini babukane emehlweni ilento eyenzekayo uSinalo uliphusha ungaphandle uSbongile usegcekeni baliphushe livaleke. Uyafisa uSbongile ukuthi ngathi angacela amuhage kodwa angakusho lokho ayongena emotweni yakhe amubuke aze avule ifastela.

Sinalo:”Hamba uye endlini.”

Sbo:”Ngikubukele ngizohamba sosithele.”

Amucishele iso ayisuse imoto ayibuke ize iyosithela umawakhe asuke efasteleni ashaye izandla.

MamYoliswa:”Bhuti.”

Dumi:”Sizomubheka  ungawari lentwana ibukeka ifundisekile.”

MamYoliswa:”Mangabe umuphula inhliziyo lana?”

Dumi:”Umufundise kahle umshana ngeke abhayize, lomfana wenza msebenzi muni avaya ngetransi enje?”……

***ISIQEPHU 39***

***CEBILE***

UCebile ufike waqonda ngale kwezinye izindlu ngoba bagcine bevumelene ukuthi bashintshane noSbu.

Sbu:"Mina angifuni ukuya ngale ndoda ukusebenza nomphathi usuku lonke ngeke ngilunge."

Cebi:"Khumbula ukuthi kumele senze lokhu esiyalelwa kona hamba."

Sbu:"Wenzeni nawe?"

Amoyizele uCebi

Cebi:"Angazi."

Kuqhamuke uSizakele amangale makabona uCebi ngapha aye kubo

Siza:"Kungani ungapha?"

Cebi:"Umnumzane uthe ngizosebenza ngapha yena sekazosebenza noSbu."

Ajabule uSizakele

Siza:"Kulungile kukhona akubonile ngakutshela ukuthi akazwani nento ebhedayo."

Azithulele uCebi

Siza:"Buya ngikuphelezele Sbu."

Abone nje uCebi ukuthi uyozibukisa uLwazi ngecebo simuncwebe kancane isikhwele kepha angasinaki aqhubeke nalokhu akubhekayo. Bahambe boSbu naye asale asebenza ekhanda lakhe ulokhu ulangazelela ukubona uLwazi wakhe. Kusetshenzwe kungene umlayezo ocingweni lwakhe.

Lwazi:*Hawuuuu ngeke phela kuyala bengithi ngiyakulaya ngiyasebenza ngingakushayeli kodwa kuyala, ubani othe uyosebenza ngalapho manje?*

Cebi:*Kusho wena hawu mnumzane.*

Lwazi:*Angikhoni ngiyahluleka.*

Cebi:"Ngizokubona ntambama zibambe.*

Angasaphenduli uLwazi kusetshenzwe kuthi ngesikhathi sokudla kusondele uSiyabonga.

Siya:"Unjani sisi?"

Cebi:”Ngiyaphila bhuti.”

Siya:”Iza ngikumukise ngale uyadingeka angazi enye yezindlu yenzeni kwaba njani.”

Cebi:”Uphi uSbu?”

Siya:”Nangu bamuxoshile uzosebbenza ngapha anikwazi ukuba sendaweni eyodwa.”

Makamubheka amoyizele uSiyabonga

Cebi:”Ngizoya mangiqeda ngalokhu ngizozihambela ungakhathazeki ngoba kulibangana.”

Siya:”Usheshe.”

Ahambe ayongena ehhovisi akazi nokuthi uSizakele ubuye nini amubone abebabhekile, luqhubeke usuku. Ngehora lesibili afike uLwazi uCebile ungale emva kwezindlu la abasebenzela ngakhona. Aqale ehhovisi kukhona uSizakele noSiya bamatasa ngamaphepha.

Lwazi:”Ndoda angikuthumanga?”

Siya:”Ngimutshelile mnumzane.”

Lwazi:”Akezanga nocingo akalubambi.”

Siya:”Bekubalulekile ngempela noma?”

Lwazi:”Kahle ndoda ngingabiza abasebenzi kungabalulekanga suka la.”

Siza:”Mnumzane bengicela kukhuluma nawe ngasese.”

Eme lapho uLwazi ngaphandle aphume uSizakele

Siza:”Ngicela usizo.”

Siza:”Ngicela ilift masesishayisa.”

Lwazi:”Ngobani?”

Siza:”Eqinisweni anginayo imali yethikithi kuyaswabisa ikakhulukazi ngoba kulisonto lokugcina enyangeni.”

Lwazi:”Uzokuphelezela uSiyabonga ngemoto yomsebenzi mina ngizohamba sekuhlwile nginomhlangano nalomdwebi owangimoshisa.”

Siza:”Ngizokulinda mnumzane.”

Aswace uLwazi akhweze amahlombe azihambele

Siza:”Ngikulinde na mnumzane?”

Lwazi:”Ngikutshelile uzohamba noSiya.”

Ahambe yonke indawo ecinga uCebile aze amufice makavela nje bamoyizelelane izisebenzi zibingelele ziziqhubekele ngomsebenzi.

Lwazi:”Angel kudala ngithumele ukuthi uze ngale nginomhlangano nomdwebi buya.”

Cebile:”Ngempela?”

Angahleki uLwazi

Lwazi:”Yes buya sekusele ihora afike.”

Asukume amulandele nezinto zakhe bayongena emotweni

Lwazi:”Kanti kungani unqaba ngikubizela umsebenzi?”

Cebi:”Ngiyaxolisa mina bengicabanga ukuthi nguwena ongifunayo.”

Bafike kulesiganga sabo baye ehhovisi

Lwazi:”Udleni namuhla?”

Cebi:”Imifino.”

Lwazi:”Hlala phansi.”

Sekathukile uCebile

Lwazi:”Nawa amaphepha konke sekume ngomumo kuthi kungaqalwa kwakhiwe ngifuna siqalele ngokudweba"

Cebile:”Ahm mnumzane angikaze ngadweba icebo lokwakha ngagcina ngokudweba masihlolwa nje enyuvesi.”

Lwazi:”Uzoqala manjeke”

Cebi:”Ngeke kube yinto engiyiqeda ngokushesha angeke ubize umdwebi wangempela?”

Lwazi:”Nginaye umdwebi engimuthembayo, asambe siyobheka ngaphandle futhi bese kusukela kusasa awuzi emsebenzini uzoba nesikhathi sokudweba.”

Cebi:”Ngingaqeda ngezinsuku ezinhlanu, kodwa angisiboni isidingo sokungayi emsebenzini.”

Lwazi:”Ngeke uqede ukudweba la ngoba ngeke ngikhone kulokhu ngikubuka namanje awazi ngifuna njani kukuqabula.”

Amoyizele uCebi

Cebi:”Yazi inhliziyo yami ibuhlungu ngithi ungithukuthelele.”

Asukume uCebi ayomuhaga esihlalweni sakhe makabuyela emuva amubambe asukume makaletha umlomo abheke le uCebi.

Cebi:”Cha hhayi manje asisebenze siqede ngingaze ngidwebe into engekho kahle angifuni umoshakalelwe.”

Amuyeke ayohlala phansi futhi

Lwazi:”Well in than case asihambe sizoshesha ukuqeda ngoba angisakhoni.”

Basukume abheke yonke indawo abhale phansi lokhu akubonayo emva kwehora kufike uSiya sebayashayisa akhulume kancane noLwazi bese uyahamba.

Lwazi:”Uhamba noSiza?”

Siya:”Usele uthe uqedelela umsebenzi wakhe.”

Lwazi:”Lona bazomudlwengula ngalokusangana kwakhe uthe ucela ilift ngoba akanayo imali yebhasi akanayo ngathi akahambe nawe wanqaba.”

Siya:”Uzifunela wena lowo.”

Lwazi:”Mina ngihamba nomedemu.”

Siya:”Muyeke azibonele yena akezwa angithi kodwa umuqaphele amantombazane angafuni kukhuzeka kanje enza konke okusemandleni awo kuthi ugcine ukhetha wona.”

Bayakhuluma nje ubalalele uCebile

Lwazi:”Ahhhh uyahlanya lo.”

Siya:”Tshela umedemu amugade ngoba angafaka impilo yakhe ebungozini ngihlala ngibona indlela amubuka ngayo akamuthandi.”

Lwazi:”Uzomubonake lapho kuthi unjani uLwazi ngoba yena wazi lo olungile.”

Kukhale ucingo lwaLwazi aluphendule uSiyabonga ahambe

Lwazi:”Baba.”

Khoza:”Kukhona abafake oda yamalahle badinga amaloli amathathu agcwele.”

Lwazi:”Hayibo amalahle angaka ebakuphi?”

Khoza:”Ndodana izinto ziyakhanya, isemayini ngathi kukhona okungahambi kahle ngala abawathola khona manje bafuna ukubheka la abazothenga khona.”

Lwazi:”Yooo ngiyabonga baba kuncono ngizobe ngingasebenzi ezinsukwini ezizayo ngoba sisadweba sizoqala ukwakha.”

Khoza:”Ngale uzoshiya uSiyabonga?”

Lwazi:”Eya awusekho umsebenzi omningi khona ngoba sekuyaphela.”

Khoza:”Bhovungane mangabe seyikuqomile lengane lokhu inhlanhla eza nayo.”

Lwazi:”Uqalile baba ngizokubona.”

Aluvale abheke uCebile ogxile kakhulu kulokhu akwenzayo.

Lwazi:"Uzongithola ehhovisi mawuqeda"

Cebi:"Kulungile."

Abuyele ehhovisi makangena nangu uSiza sekashintshile ugqoke ilokwe elifushane aphambanise imilenze makangena uLwazi. Amubuke amangele ngoba uyaqala ukumbona azipendile.

Lwazi:"Ngicabanga ukuthi uhambe noSiya?"

Asukume uSizakele avale umnyango aye ngakuLwazi la eme khona asaqoqa izinto zakhe. Athathe isandla sakhe asibeke esinqeni sakhe bese uyaziqumisa.

Lwazi:"Siza wenzani?"

Amususe

Siza:"Kudala sifunana kuncono sindlulise lelukuluku."

Amususe phambi kwakhe athi uqonda emnyango uSizakele abeke unyawo phezu kwetafula ipunani ihlale obala yonke. Athuke uLwazi ayibuke kuvuleke umnyango kungene uCebi naye amangale makabona uSiza ezingantuze kangaka bese ubheka uLwazi osobheke yena. Ibe buhlungu inhliziyo yaCebile angene athathe isikhwama sakhe uSizakele sekalehlisile inyawo. ULwazi amubambe ngesandla ngoba uyabona sekuyaguqubala noma nini imvula yezinyembezi ingana sekamufundile uCebile ukuthi uyatetema.

Lwazi:"Sthandwa sami akusikho okucabangayo."

Siza:"Sthandwa sami."

Lwazi:"Sizakele ngicela uhambe manje."

Cebi:"Bengizothatha isikhwama sami kuzohamba mina ngiyaxolisa kuphazamisa."

Lwazi:"Awuyi ndawo nangu ohambayo, kusasa sizokhuluma ngalesenzo sakho phuma."

Aphume uSizakele makavala umnyango nje zehle zilandelana izinyembezi kuCebile, sekadabukile noLwazi.

Lwazi:"Ngiyaxolisa nkosazana ngimufice la ehhovisi mangisuka kuwe wenza lomhlolo."

Cebile:"Ubumubhekile Lwazi."

Lwazi:"Bengithukile ngimangele uyazi makwenzeka into ongayilindele, ucabanga ukuthi bengingakhamisela uSiza ngazi kahle ukuthi ungangena noma yinini."

Cebile:"Ukube besengihambile kukhona bekuzokwenzeka?"

Lwazi:"Ngicela ungangithwesi izono zamanye amadoda mina awungazi uzongifunda inhlobo yomlisa engiyiyo."

Cebile:"Ngithukile Lwazi ukhona umuntu wesifazane ongazineka kanje phambi kwendoda."

Lwazi:"Akukho okungihehile kepha ukube bekunguwe ngabe sikhuluma okunye manje."

Amusule izinyembezi kahle

Lwazi:"Uyatetema wena."

Cebi:"Mxm."

Lwazi:"Ngicela ukiss wami ongithembise wona."

Cebi:"Azange akuqabule lo nepunani embi?"

Ahleke uLwazi abheke isikhathi

Lwazi:"Ngiyakuthanda uyezwa, akangiqabulanga futhi soze akwenze lokho."

Amudonsele kuye baqabulane

Cebi:"Wena uzongimoshela isimilo asambe."

Lwazi:"Masimoshwa yimina inkinga ayikho."

Cebi:"Kusasa angisebenzi vele?"

Lwazi:"Ohhh eya nami angizi ngoba ngine oda lamalahle okumele ngililungise."

Cebi:"Mawuyodiliva uzohamba ngaleloli lakho?"

Ahleke uLwazi

Lwazi:"Yebo."

Babukane bahleke

Cebi:"Ngifisa ukubona mawusebenza ngamalahle."

Lwazi:"Kusasa kumele siyothola okokudweba angithi nalamaphepha akhona kusho ukuthi ngeke uqale kusasa. Masiqeda ukuthenga sizoya lapho kodwa ungangilahli."

Cebi:"Ngeke ngikulahle ngoba ngiyazi kukhona abakubuke ngamehlo abomvu."

Amubuke uLwazi amuqabule esihlathini

Lwazi:"Asihambe angaze angishaye ubhuti wakho."

Cebi:"Ungimukisa ekhaya kanti?"

Lwazi:"Wena ufuna ukuya kuphi?"

Asabe ukusho ukuthi abesafuna ukuba naye noLwazi abone ngathi ubuze kabi.

Lwazi:”Asambe.”

Amubambe ngesandla baphume akhiye kahle bayongena emotweni bahambe imoto ayiqondise kubo

Cebi:”Siya kuphi?”

Lwazi:”Ngifuna kuba nawe noma ihora nje.”

Amubambe ngesandla esisodwa angenise imoto ayipake mabehla nje nangu uDansile ngaphandle. Athuke uCebile abheke uLwazi

Cebi:”Ukhulumile nosesi wakho?”

Lwazi:”Eish ngikhohliwe ngizobuye ngibone.”

Cebi:”Manje Lwazi ngoba ngeke kuzwakale kahle makuzivelela.”

Lwazi:”Haaaa masikhuluma manje ngeke ngikhone noku.”

Cebile:”Ngiyakucela.”

Ubabhekile uDansile uyamoyizela ngoba uyabona ubhuti wakhe sekazitholele umuntu azojabula naye.

***ISIQEPHU 40***

***KWAKHOZA***

Dani:”Mama buya uzobona.”

Asondele umawakhe yena abuke efasteleni uCebile ufulathele bagqoke ama overall namaboots bobabili.

MaKhoza:”Sekukhona amantombazane emsebenzini ngoba wathi usebenza nabafana kuphela?”

Dani:”Angiqali ukumbona"

MaKhoza:”Angadlali ngengane yami lomntwana mhlawumbe uzele imali.”

Dani:”Ungamujaji ma awukamuboni nasebusweni.”

MaKhoza:”Unjani?”

Dani:”Muhle kakhulu.”

MaKhoza:”Mangabe kuserious sizobona ngobhuti wakho makamuletha kuthi simazi okwamanje ngizozitshela ukuthi ufuna kulala nje.”

Dani:”Hayibo ma.”

MaKhoza:”Ngake ngalingana nani phela ngiyabazi abafana bacabanga kanjani.”

Dani:”Mama izolo lokhu ubukhala uthi ufuna umntanakho azitholele umuntu ozomthanda manje sekamutholile ngathi unenkinga.”

MaKhoza:”Senilungisile nomyeni wakho Dansile hamba uye kwakho.”

Dani:”Usuyangixosha?”

Bahleke

MaKhoza:”Ubuyeleni vele?”

Dani:”Ngifuna siyohlola kuqala.”

Angene uLwazi sekashiye uCebile egunjini lakhe, afike abingelele

MaKhoza:”Ubani lo ondlula naye la?”

Lwazi:”Sizosebenza ma, uphi ubaba?”

Ahleke uDansile

MaKhoza:”Ubukele izindaba ngale,  Lwazi.”

ULwazi asondele kumawakhe amumoyizelele

Lwazi:”Ngiyamuthanda mama naye ubonisa ukungithanda uyintombazane eziphethe kahle, masesifundene kahle naye ngizomufaka la endlini.”

MaKhoza:”Manje nasegunjini lakho nisayofundana khona?”

Ahleke uDansile

Lwazi:”Sisi ngicela kukhuluma nawe"

Baphume ayongena naye egunjini uCebile uhlezi sekaziqoqile ushawa nawuvalo

Dani:”Unjani sisi?”

Cebi:”Ngiyaphila.”

Lwazi:”Lona uCebile wakwaNkosi siyathandana sinaye Cebi usesi wami lo omdala.”

Dani:”Muhle kakhulu futhi.”

Cebi:”Ngiyabonga.”

Lwazi:”Yazi uCebi sisi kunento ayibonile manje ufuna sihlukane.”

Dani:”Hawu niqeda kuhlangana nje kwenzenjani?”

Adonse umoya kuqala uLwazi

Lwazi:”Ngicela ungasusi umsindo sisi ngalento engizoyisho futhi ungamubuki njengesitha. Ngiyamuthanda kakhulu.”

Dani:”Ngilalele.”

Lwazi:”Ezinsukwini ezendlule besixoxa nje wangitshela ukuthi kukhona umlisa bekathandana naye eminyakeni emine eyendlule noma emithathu angisakhumbuli. Abengixoxela nje ukuthi yilowo mlisa owenza angasakhoni kuthanda abantu besilisa.”

Dani:”Ohhhhk.”

Usadidekile nje ukuthi iyaphi lengxoxo

Lwazi:”Wathandana nalomlisa emva kwesikhathi wathola ukuthi ushadile wamuyeka ngaleso sikhathi.”

Dani:”Wenza kahle kodwa angikaqondi kungani ngila.”

Lwazi:”Abethandana noNsizwa sisi umyeni wakho.”

Dani:”Ini?”

Amubheke uDansile ashalazele uCebile amubuke kahle uDansile sekamubheka ubuhle nokuthi muncane. Yilokho akugijimisayo uNsizwa izingane ezincane.

Dani:”Lwazi:”

Lwazi:”Ngicela ungamubuki njenge sitha.”

Dani:”Nalala naye?”

Asondele ahlale celeni kwaCebi uDansile ashalazele noLwazi ngoba akayithandi impendulo azomnika yona.

Cebi:”Ngiyaxolisa sesi.”

Dani:”DID YOU SLEEP WITH MY HUSBAND?”

Cebi:”Eya.”

Ezwe ubuhlungu uDansile asukume amubambe uLwazi

Lwazi:”Abengazi Dani.”

Dani:”Ngiyazwisa ngeke ngimubuke njengesitha kepha kubuhlungu mina nginomyeni onjani. Ingane lena Lwazi abengakanani ngaleso sikhathi kodwa, izingane ezingakhi.”

Lwazi:”Into eyenzeka kudala manje nisendleleni yokulungisa umshado wenu ngicela ningahlukaniswa indaba yakudala mhlawumbe naye sekakhohliwe uCebile. Ngicela ungathathi ngamawala.”

Dani:”Ngiyabonga ngokungitshela Cebile noma kunzima nje.”

Lwazi:”Ngifuna ukuyokhuluma nobaba ngeke nisale nihwebhana?”

Anikine ikhanda uDansile ahlale phansi aphume uLwazi

Cebi:”Ngiyaxolisa sisi.”

Dani:”Uyamuthanda ubhuti wami ne?”

Cebi:”Kakhulu yingakho ngikhulume lento ngoba angifuni kulahlekelwa nguye iyasabisa nje.”

Dani:”Ngiyakuthanda nami kodwa kuzobanzima ungamangali ngelinye ilanga mangikubuka kabi lezinqenyana zakho ezime kahle ngizobe ngivukwe isikhwele kuthi uke wanika umyeni wami.”

Azame kuzimoyizelisa

Cebi:”Ngiyaxolisa ngangingazi nokuthi ngenzani ngeke futhi ngikhone nokuchaza ukuthi bekunjani.”

Dani:”Ufuna kungitshela ukuthi ubuyitshitshi?”

Avume uCebi aze akhale

Dani:”My husband is a dog ngempela ngiyaxolisa.”

Cebi:”Ngikufisela inhlanhla emshadweni wakho ngicela ningahlukaniswa yilokhu.”

Dani:”Kwenzeka kudala noma kubuhlungu nje ngizozama kugwinya itshe.”

Cebi:”Kwancono ngiyathemba nomama uzozwisisa kanje.”

Dani:”Awungitsheleke ukuthi uzobe seyingekho into ongayikhuluma nomamezala wakho senikhuluma izindaba zogwayi womyeni wami. Ungamutsheli nami ngeke ngimutshele futhi angakujaja uyabazi banjani ngamadodana abo.”

Bamoyizelelane aze amuhage uDanisile aphume aphambane noLwazi sekazongena, makafika endlini angaboni lutho makaqeda ayongena egunjini lakhe akhiye aziphose embhedeni akhale uDansile.

Lwazi:”Nixoxe kahle?”

Cebi:”Eya sengixolile manje, ngicela ukugeza.”

Lwazi:”Ngize nami?”

Cebi:”Mangabe uzoziphatha kahle.”

Lwazi:”Ngeke ngithembise lokho.”

Kukhale ucingo lwaCebile ajike avule isikhwama sakhe alubheke ubabomkhulu wakhe.

Cebi:”Babomdala.”

BabMongezi:”Sesindlulile isikhathi sakho sokubuya ekhaya ukahle la okhona?”

Abheke iskhathi uCebile sekuyogamanxa ihora lesithupha

Cebile:”Ngiyeza baba.”

BabMongezi:”Kulungile.”

Avale ucingo abheke uLwazi naye asukume ngoba uzizwele

***ISIQEPHU 41***

***KWANSIZWA***

Nsizwa:”Ngikulande ngobani isikhathi?”

Dani:”Kusasa.”

Nsizwa:”Haaaa sekuze kuphela iviki sthandwa sami ulokhu uhlehlisa, sesikhulumile nje ngisho nabazali bethu.”

Dani:”Nsizwa ayikho lula lento obulokhu ungenza yona, ngiyazincenga nje, kodwa manje ngisajabulela ukuzwana nobaba side isikhathi ubaba angangikhulumisi.”

Nsizwa:”Ngiyazwisisa sthandwa sami ngiyaxolisa kukujaha.”

Dani:”Kulungile namuhla uzokwenzani?”

Nsizwa:”Akukho engikuhlelile ngizobona mhlawumbe ngizoya kuSkhumba.”

Dani:”Uziphathe kahle lapho.”

Nsizwa:”Ngihanjiswa ukuthi awukho uzobona masobuyile ngizochitha isikhathi nawe ubone indlela engikuthanda ngayo.”

Dani:”Lokho ngizokubona sekwenzeka.”

Nsizwa:”Ngiyakuthanda mama wezingane zami.”

Dani:”Ungangibizi kanjalo.”

Nsizwa:”Ngobani?”

Dani:”Azikho izingane lezo futhi azifuni nokuvela.”

Nsizwa:”Zizobakhona angithi ubuhlala ukhathazekile manje ngeke usakhala umzimba wakho uzokhona ukubamba makungasekho into ekukhathazayo.”

Dani:”Eyyyy kumele ngihambe manje sizobuye sikhulume.”

Bavalelisane uNsizwa abuke emakhabetheni angakudla akukho lutho kukhale ucingo lwakhe alubambe.

Nsizwa:”Mihla.”

Mihla:”Ngisalinde ucingo lwakho namanje sekuphele isonto lonke"

Nsizwa:”Eish Mihla.”

Mihla:"Nsizwa mangabe awusaqhubeki phambili ngalobudlelwane ungabi yigwala ngiqonde ungitshele."

Nsizwa:"Awunalo ilungelo lokukhuluma nami kanjalo."

Mihla:"Ufuna ngithini selokhu wangilindisa."

Nsizwa:"Yazini fuck you nxx."

Aluvale athathe ukhiyo wemoto aphume…

***MIHLA***

Inhliziyo yakhe ishaye kabuhlungu makezwa umuntu amthandayo ekhuluma naye ngalohlobo aze avale ucingo endlebeni yakhe. Aphume egunjini lakhe ahlangane nomawakhe

MaMzobe:"Mihla."

Mihla:"Ngiyabuya manje manje mama."

MaMzobe:"Usuhlala uphuma Mihla ngifuna ukubona lomfana."

Aphume angaphenduli uMihla ugcwele intukuthelo angayazi angayichaza njani, aye khabo Nhloso.

Mihla:"Mngani unjani?"

Nhloso:"Ngiyaphila kwenzenjani amehlo wababomvu nje?"

Mihla:"Eyyy mngani uNsizwa yazi unomfazi."

Nhloso:"Ubungazi kanti?"

Mihla:"Cha angazi."

Nhloso:"Mina bengicabanga ukuthi uyazi phela la akekho ongazi ukuthi ukuthi uNsizwa isoka uhamba alala."

Mihla:"Ubungangixwayisi ngani kodwa mngani?"

Nhloso:"Hayibo ubuzongilalela yini kodwa mina bengicabanga ukuthi uyazi."

Mihla:"Manje angisakhoni kungamuboni ngiyamuthanda mngani."

Nhloso:"Khohlwa nguye mngani uNsizwa akakaze akuthande."

Mihla:"Uyangithanda mngani siyathandana abengithatha siye kwakhe angekho umkakhe ngisho nezimpahla zakhe."

Nhloso:”Sisi yenza okubonayo impilo yakho kepha mina ngizokutshela uNsizwa akakaze akuthande futhi ngeke aze akuthande. Umuntu okhona ukulala nabangani bakho ashintshane ngabo kahle bo lukuphi uthando lapho?”

Mihla:”Ulale nobani uNsizwa?”

Nhloso:”Mngani vuka emaqandeni maningi amadoda la ngaphandle.”

Mihla:”Uyazi ukuthi ulale nobani?”

Nhloso:”Yebo walala nami kanye noSbongile ngalosuku owahamba ngalo.”

Athuke uMihla abhekane noNhloso angakholwa

Mihla:”Kuwe ngiyazi ungakwenza lokho kepha uSbongile, wena awukaze ungijabulele.”

Nhloso:”Eyyyy khula nawe unomfazi okusho kona ukuthi akanandaba nawe, mina ngazidelisa ngaye makabuyela kuwe ngakhohlwa nguyena futhi uyangibona kuyimanje kukhona ozayo ozongilanda impilo iyashesha.”

Mihla:”Uyisifebe yazi Nhloso.”

Nhloso:”Njengawe nje angithi ulala nendoda eshadile manje kukwenza ini lokho? Uyiso ngokuphelele. Phuma la ekhaya.”

Mihla:”Nhloso.”

Avale umnyango uNhloso asale amangele aphume ahamba kancane akukapheli nezinyanga eziwungakhi uNsizwa sekamenze yonke lento. Kume imoto enhle esangweni kuphume owesilisa osokhulile nje amubuke ugqoke ubuhlalu ezandleni kanye nasentanyeni.

“Ngiyakubona uyasindwa thatha lokhu ungishayele ngikozusiza.”

Mihla:”Uzongisiza ngani uqala nokungibona.”

“Ngizokusiza ngalokhu okufunayo umsebenzi, indoda, ubheka mina ngedwa ngishayele.”

Alithathe lelo khadi umuntu angene khabo Nhloso asale emangele uMihla aqhubeke ngohambo lwakhe. Makandlulula khabo Sbongile afikelwe intukuthelo nje angene afike akokode mawala. Avule umnyango uSbongile amangazwe ilokulwa nomnyango.

Sbo:”Hayibo uzosiphulela umnyango.”

Mawuvuleka nje umnyango uMihla amudonse ngenkulu impama amuwisele phansi makazama kuphakama uSbongile abuye phezu kwakhe amushaye angamuniki nethuba lokuzilwela uSbongile. Akakwazi nokulwake kepha agcine akhonile ukumubamba naye. UMihla amudonse izinwele aqhamuke umama Sbongile emgwaqeni amangale kwenzakalani kwakhe. Angene sekagijima abahlukanise sebahefuzelela phezulu.

Sbo:”Yini inkinga yakho wena?”

Mihla:”Uke uphinde ulale nomuntu wami uzongithola kahle kuncane lokhu.”

MamYoliswa:”Nibanga umfana kwami Mihla?”

Mihla:”Eyyyyyy fasa inja yakho uhlukane nami ngizokubulala wena nxxx.”

MamYoli:”MIHLA.”

Mihla:”Voetsek awungizali ungangimemezeli wena bengikuzama ngiwumngani wakho noma uyisihlupheki ungibonga kanje.”

Aphume uMihla abantu  sebabukele bemile emgwaqeni uSbongile angene endlini nomawakhe uyathetha umawakhe. UMihla aqonde kubo ageze bese uyaphuma ngokucasha bangamuboni abazali bakhe. Ahambe ayogibela itekisi imushiye la afuna ukuya khona. Ahambe ibangana nje aze afike makema esangweni esazikhuthuza ucingo kume imoto ngaphandle.

Ehlike umnikazi

Nsizwa:”Yewena uyahlanya na?”

Mihla:”Ngeke ungilale kanjalo bese uyangishiya Nsizwa ngeke ngivume.”

Acabange inkosikazi yakhe uNsizwa

Nsizwa:”Uyazi akumele ngabe uza la.”

Mihla:”Ngiye kuphi Nsizwa"

Adonse umoya abuyele emotweni avule isango ayingenise, angene naye uMihla anikine ikhanda uNsizwa. Amulandele angamubizanga ukuya endlini nakhona angene ngokushesha.

Nsizwa:”Ufunani?”

Mihla:”Walala noNhloso na?”

Nsizwa:”Yes.”

Mihla:”Ngobani Nsizwa kungani bongikhohlisake uthi uyangithanda kanti udlala ngami?”

Asondele kuye uNsizwa amubheke emehlweni

Nsizwa:”Lalela Mihla eqaleni bengizidlalela ngawe yazi ngase ngichazwa indlela ongilalela ngayo, ubungabangi umsindo ubuthobekille. Manje lento oyenzayo iyangicasula yingakho ngifuna uphume la kwami nenkosikazi yami uhambe ungabheki nasemuva ngoba hhayi cha ngizwile.”

Athule uMihla babukane

Nsizwa:”Vaya.”

Mihla:"Ngicela ungangishiyi Nsizwa ngiyakuthanda ngizokwenza lokhu ofuna ngikwenze ngiyacela Nsizwa ngizokuhlonipha."

Nsizwa:"Uyazi angithi nginenkosikazi futhi ngiyayithanda inkosikazi yami uzokwazi ukuyihlonipha mayingifoyinela nginawe uzothula na?"

Mihla:"Ngiyathembisa la kukhona khona uthando nendlela ikhona uqeda kusho nawe ukuthi soyangithanda."

Amubuke uNsizwa

Mihla:"Ngeke ngiphile ngaphandle kwakho sthandwa sami, izolo ngilale ngaze ngakuphupha unami ungenza ngendlela ohlala ungenza ngayo, ngize ngakufisa."

Amubheke futhi ezwe nesitho sakhe siphendula lento ayishoyo, amubuke kusukela ezinyaweni akhuphuke naye. Ugqoke ilokwe elifushane kahle lingenhla kwamadolo amehlo akhe mawafika esifubeni kuvele ibele elilodwa kancane. Asondele kuye babukane azisondeze kakhulu uMihla asizakale makezwa ukuthi uvukelwe uNsizwa.

Mihla:"Ngicela ungenze manje ngendlela ofuna ngayo."

Alahle isikhwama sakhe phansi

Nsizwa:"Uzovuma ukuhamba mangiqeda?"

Mihla:"Njengoba ngithembisile ukuthi ngizokuhlonipha ngizohamba."

Amufulathele athintise izinqe phambili kuNsizwa azihlikihlise uNsizwa azame kuziqinisa agcine sekamubamba okhalweni ngenzandla zombili. Amufende ngemuva amuphendule baqabulane afake isandla phansi kwelokwe asikhuphule size siyobhajwa kwipunani.

Nsizwa:"Ahhhhhhh awugqokanga phenti shit."

Mihla:"Ngingowakho wedwa zenzele."

Amuphakamise umlenze owodwa awubeke ekhalweni lakhe amunamathisele obondeni, ehlise uzibhu akhiphe isitho sakhe. Aqonde kuye enjalo amungene bemile akhake uMihla.

Nsizwa:"Damn woman."

Amufende izandla zibambe izinqe imilenze sekayiphakamise yomibili, uyamungena uyamuphuma uyazizwa ukuthi isitho sikaMihla siyamamukela kamnandi. Bafendane lapho masekakhathele amehlise imilenze amuphendule athathe umlenze owodwa awubeke etafuleni ipunani ivele ngasemva.

Nsizwa:"Ohhhhhh yaaaaaaa nakhu engikufunayo."

Amungene futhi uMihla noma azizwa ukuthi ukhathele umlenze wakhe kepha ngenxa yokuthi ubona uNsizwa ejabulile uyazibamba. Amufende uNsizwa ngapha uyaquma

uyamuncoma nobuhle nobumnandi aze achame. Aqume noma sekachama kuthi umuchamisa kamnandi……

***ISIQEPHU 42***

***KWANKOSI***

UCebile angene kubo sekashalazela umndeni wonke usetafuleni kanye nobabMongezi.

Cebile:"Sanibonani."

Sinalo:"Sho sesiza."

Amanda:"Hey sondela ngizokuphakela."

Cebi:"Ngisayobeke isikhwama."

Ahambe bangamuphendulanga abeke isikhwama ashintshe ngokushesha izimpahla azisule nobuso bese uya etafuleni. Afike ahlale celeni kwa Sinalo uAmanda sekamuphakele.

Nathi:"Ubuyaphi Cebsile?"

Cebi:"Emsebenzini bhuti."

Nathi:"Ngalesikhathi?"

Cebi:"Bengishayisa late namuhla."

Nathi:"Utshele ubani?"

Cebi:"Ngikhohliwe bhuti."

Nathi:"Lapha uyele kuyofunda mabasebenza ama over time lokho akukudingi wena."

Cebi:"Bengifuna bhuti."

Nathi:"Lomuntu uthi uzolikhokhela nini isango ngoba alishayisa?"

Cebi:"Azange sikhulume ngalo bhuti."

Baqhubeke nokudla umawakhe ujulile ngathi akekho nala.

Sinalo:"Mama."

MamGugu:"Mmmmm."

Sinalo:"Ukahle?"

MamGugu:"Cha ndodana kepha into encane nje."

Sinalo:"Ingabe uyagula?"

MamGugu:"Ithi ngiyolala kancane bhuti ngiyaxolisa kusuka etafuleni."

BabMongezi:”Ayikho inkinga sisi.”

MamGugu:”Nilale kahle ngicela ningangiphazamisi.”

Cebi:”Mama bengifuna kukhuluma nawe.”

MamGugu:”Kusasa mntanami uAmanda ungitshelile ngakuhleka kodwa sizokhuluma.”

Asukume bonke bamubheke aze ayongena egunjini lakhe basale bebuzana bodwa.

Nathi:”Akukho akushilo mhlawumbe emini?”

Sinalo:”Nami ngiyafisa ukwazi.”

Amanda:”Kimi akashongo lutho.”

Nathi:”Sthandwa sami kusasa ushayele anti Deliwe azobona umama yena uyakhona ukumuhlekisa makanje.”

Sinalo:”Ithi ngiyomubona.”

BabMongezi:”Muyeke ndodana ucelile angithi ukuthi ningamuphazamisi, ukhumbule ubaba wenu namuhla usuku lwababenu lokuzalwa.”

Babhekane bonke

Cebi:”Cha baba kudala lwandlula lolo suku.”

BabMongezi:”Losuku enilwaziyo nina luyiphutha abalenza eHome Affairs namuhla usuku lwakhe lwangempela. Bebehlala bahamba  njalo banganitsheli ngoba bangafuni kuthi nibaphazamise.”

Sinalo:”Bebehamba nawe ngiyakhumbula yazi nguwena ububashayelela.”

Amuhlahlele amehlo ubabomkhulu wabo aze aswace.

BabMongezi:”Bengibashayelela kuphi wena mfana?”

Sinalo:”Angisakhumbuli kahle ngoba ngangisemncane kodwa kukaningi ngikubona ugqoke nje ngomshayeli wababa. Ngelinye ilanga ngakubona uphuma egunjini labo ukhuluma nobaba la ephasijini wase uyohlala emotweni wabalinda.”

BabMongezi:”Uyabheda wena.”

USinalo ngathi sekadidekile naye nabanye badidekile bagcine sebamuhleka kuthi ngeke nje ubabMongezi ashayelele ubaba wabo ngoba wayeziphuzela kakhulu. Azisule umlomo uMongezi asukume

Cebi:”Soyolala baba bengithi sizodlala umlabalaba namuhla.”

Sinalo:”Eya uthembisile baba,ungahambi.”

Nathi:”Mina ngifuna kukubonisa ukuthi sengimdala manje ngizokushaya.”

Amoyizele kancane ubabomkhulu wabo anikine ikhanda

BabMongezi:"Kuncono ngempelasonto bafana namuhla bangikhathazile lapha kule AA bebasijimisa kukhipha utshwala emzimbeni."

Sinalo:"Sho thayma akuna jaive."

Asukume ahlikihle uCebile ekhanda aphumele ngaphandle basale bexoxa behleka….

Ngale egunjini umaNkosi ufike wageza wagqoka ingubo yakhe yokulala eyayithandwa umyeni wakhe. Amoyizele makazibuka abengafuni ayikhumule makayigqokile bebalala nayo aze aqede ilokhu isemzimbeni. Iyasefela kahle azicabange kudala anaye masekafikelwa ukukhala acime ugesi angene engubeni.

MamGugu:"Ngicela ufike namuhla ngikukhumbule kakhulu myeni wami."

Akhale umamGugu aze azumeke, uvuleke lomnyango ongaziwa ngisho nawu mnikazi wegumbi. Awuvale futhi abeke kahle isitina asondele ngasembhedeni umamGugu usakhala nasebuthongweni. Akhanyise umyeni wakhe asondele amubuke kahle abone nalengubo yokulala ayigqokile. Acishe ugesi ahambe aqonde kulomnyango wakhe ngoba uyahluleka manje ufuna ukumdedela uma afuna azitholele indoda enye ezomthanda. Aphaphame umamGugu asibone isithunzi sakhe azwe nephunga lakhe, akasazihluphi ngokufuna ukumbuka ubukhona bakhe nje benza umehluko omkhulu, iphimbo lakhe liyamududuza limuphe amandla.

Avuke gubhu

MamGugu:"Myeni wami Mondli sofuna kuhamba?"

Asuke embhedeni aqonde kulesithunzi aziphose kuye amubambe nali lephunga ahlala alilangazelela. Siphenduke isithunzi simuhage abeke ikhanda lakhe esifubeni sakhe.

MamGugu:"Ngiyahluleka Mondli namuhla kunzima kakhulu."

Mondli:"Shhhhhhhhh sengikhona ungasakhali."

MamGugu:"Ngingasakhali angithi ubusuhamba ngingakakuboni."

Mondli:"Oooo Gugulami."

MamGugu:"Igugu lakho liyafa ngaphakathi."

Mondli:"Ufuna  ngenzenjani kuthi ukhohlwe uqhubekele phambili ngempilo?"

MamGugu:"Angifuni ukuqhubekela phambili ngifuna wena uhlale ungivakashela ungayeki."

Mondli:"Kuzofika isikhathi la ngingasakhoni nhlobo kuncono uqale manje ukujwayela."

MamGugu:"Hhayi namuhla kodwa ngiyacela ngiyakudinga kakhulu."

Amubambe isilevu uGugu ahambise iminwe phakathi kwentshebe uyazi umyeni wakhe abengakhoni kukubekezelela lokho. Ayidlalise intshebe ahambise nakuhwanqa.

Mondli:”Kulungileke ngizolala namuhla.”

Azange esamlinda aqedele lawo mazwi amuhage eme ngamantonto, amuholele embhedeni umyeni wakhe.

Mondli:”Ufuna senzeni namuhla?”

MamGugu:”Ngijabulise myeni wami.”

Mondli:”Gugulami isikhathi siyanginciphela ngicela singenzi into ezokwenza kube nzima masengingakuvakasheli.”

MamGugu:”Okufana nani?”

Mondli:”Uyazi ukulala kwethu kwenza sixhumane ngenye indlela.”

MamGugu:”Kudala kunjalo manje kungani kukumangaza, yazi ukuba nawe angazi ngichaze njani.”

Mondli:”Akudingi kuthi uchaze nami ngiyazi ngiyaluzwa loxhumano lungenye indlela ethusayo. Bona ngicela singasalali kepha ngikuvakashele sixoxe uze uzumeke.”

MamGugu:”Ngicelile kuthi hhayi namuhla.”

Adonse umoya ubabMondli athuke sekasukuma umamGugu embhedeni ahlale phezu kwakhe yize kumnyama kodwa uyawezwa amehlo omyeni wakhe ukuthi amubhekile. Amuphulule amudlalise intshebe azame kuzibamba naye ubabMondli kepha uGugu makezwa ukuthi uyavukelwa ayenze kakhulu aze aqume. Amugxavule ezinqeni amusondeze kuye kakhulu baqabulane baze bajabulise nemizwa yabo. Mabaqeda uGugu azilahle phansi

MamGugu:”Ngiyabonga myeni wami.”

BabMondli:”Uma unelile nje.”

MamGugu:”Wena awunelanga?”

BabMondli:”Nginelile kakhulu uhlala unginelisa kodwa uyaluthanda ucansi.”

Agegetheke uGugu

MamGugu:”Nguwena owenza ngiluthande.”

BabMondli:”Kwakudala"

MamGugu:”Yazi wena wangijikela esikhaleni nje uyakhumbula wawungafuni silale siqeda kuthandana. Mina ngase ngifuna nokukulahla ngoba wawuzifihla ungafuni ngibone naloNkosi wami makavukile, kanti ufihla uxhumano olungaka. Myeni wami sanele kuqala ukulala azange sisakhona kuyekana.”

Athule ubabMondli

MamGugu:”Kunento kodwa eyayingihlupha namanje ngisayicabanga.”

BabMondli:”Yini leyo?”

MamGugu:”Mina nawe asikaze silale kukhanya uma kwenzekile ubungivalisa amehlo kungani?”

Athule futhi ubabMondli

MamGugu:”Ngilinde impendulo babakhe.”

BabMondli:”Ukuthi mina amehlo ayangiphazamisa angifuni kuwabona, nokuxhumana kwemizimba yethu ebumnyameni kuyangichaza.”

MamGugu:”Ayijwayelekanga lento oyikhulumayo.”

BabMondli:”Yingakho noxhumano lwethu lungajwayelekanga.”

MamGugu:”Ngisaya endlini encane.”

BabMondli:”Mana kuqala.”

Aphenduke yize bangabonani kepha uyawuzwa umphefumulo wakhe ushaya ebusweni, uGugu uyazibuza kuthi kanjani umoya wakhe uyashisa iphunga konke umyeni wakhe kepha aphinde ayekele kunaka ngoba ujabulile.

BabMondli:”Ngiyakuthanda ukwenqa okuningi ungakhohlwa.”

MamGugu:”Ngiyazi myeni wami.”

Kubekhona okokodayo emnyango bathule aphinde futhi

Nathi:”Butana ngikutshelile ukuthi umama akafune kuphazanyiswa ufunani la ngoba isebusuku?”

Butana:”Umawakho inkosikazi  yami kumele ngimubone ngendlela engifuna ngayo.”

Nathi:”Mina ngizokushayake manje.”

Sinalo:”Muyeke bhuti mawungayeki lomkhuba wakho mina ngizolanda lentombazane iyokubophisa ngeke sincolise izandla zethu ngawe.”

Butana:”Yewena mfana ukusho kubani lokho?”

Sinalo:”Kuwe uzongenzani?”

Nathi:”Ungalinge usondele kuye bhekana nami.”

Bavuke bagqoke

BabMondli:”Bazokubona labantwana hamba uye endlini encane kuqala uyozilungisa.”

Agijime umamGugu ngoba nawu umsindo uyakhula uthe angangena nje aphume ubabMondli endaweni yakhe ngokushesha aphinde avale kahle futhi. Uqhubeke umsindo uButana aze ashaye uSinalo ngesibhakela isuke lapho uNathi amushaye naye aphume umamGugu azame kukhuza angasakhuzeki uNathi noma sekakhuzwa umawakhe.

MamGugu:”Amanda hamba niyovusa ubhuti.”

Bagijime belandelana noCebile bafike bakokode aze avuke

Cebi:”Bayalwa boSinalo baba.”

Aphume naye makafika amemeze kanye nje amuyeke uNathi.

BabMongezi:”NKOSNATHI.”

Sekathukuthele uNathi

Nathi:”Ubeke uSinalo isandla baba.”

Avuke uButana azibambe esifubeni

Butana:”Wena ngizokubulala.”

Nathi:”Uthini?”

Asondele futhi uNathi kodwa angene phakathi kwabo ubabMongezi

Butana:”Eyyyy sidakwa ngiyeke hlukana nami sidakwa ndini.”

BabMongezi:”Hamba Butana.”

Butana:”Angiyi ndawo ngihambe ngiyeohi?”

BabMongezi:”Ngeke ngikutshele into eyodwa kaningi.”

Ahleke uButana asondele kumamGugu ngoba naye ugqoke igown seyiyalenga kancane kuvela lelokwe lakhe lokulala elisefelayo ngasebeleni. Amubambe ibele banganakile bonke athuke uGugu. Asondele ubabMongezi amushaye ngesibhakela adiyazele amuphinde futhi bonke babukane. Amudonse ngempahla ayongena naye egunjini alala kulo uButana.

Sinalo:”Baba ungambulali uzoboshwa.”

Cebi:”Babomkhulu.”

BabMongezi:”Unesibindi sokwenza lento oqeda kuyenza phambi kwezingane.”

Butana:”Uyamufuna angithi inkosikazi yami leya ubaba ukhethe mina.”

Bezwe ukushayisa kwezinto nokuquma athuke uGugu athwale izandla ekhanda akhale

Cebi:”Uzoboshwa ubabomkhulu ma makangamubulala.”

Nathi:”Ngeke aboshwe singaphela uButana nxxxx.”

Bathuke umnyango sovuleka futhi ulandelwe uButana ngokuwa sekabomvu ebusweni abazi ulimele kuphi kepha uyasabisa. USinalo akhumbule okuthile akubona kwenziwa ubaba wabo uMondli naye ubabMongezi nakhona wayemuncane akakwazi ukuhlanganisa kahle kodwa uyasikhumbula isimo esinje beshaya umuntu.

Aphume ubabMongezi nesikhwama saButana sinezimpahla angamlindi nokuthi aphakame amudonse ngathi akhumbule ukuthi bamubhekile amuyeke.

BabMongezi:”Nawu umnyango phuma ungaphinde ubuye la.”

Butana:”Ungubani wena uxosha mina kukwami la.”

BabMongezi:”Ngeke ngiziphinde.”

Athathe isikhwama sakhe uButana abuye azogqolozela ubabMongezi emehlweni

Butana:”UGugu ungowami ngizomungena futhi ngizomulala.”

Azange aqede amushaye futhi ngesibhakela noma sekaphansi athi uya kuye amemeze umamGugu.

MamGugu:”Yooooo bhuti uzombulala muyeke.”

Akhafule igazi uButana ahleke kokudelela aphume makafika emnyango

Butana:”Uzwile akafuni ngibulawe ngoba uyazi ungowami.”

Azilume udebe lwangaphezulu ubabMongezi angamuphenduli aphume uButana ayongena emotweni ayisuse. Basale bamangele uSinalo usazama ukuhlanganisa lento eyenzeka ekhanda lakhe, uNathi umangazwa ilobabomkhulu wabo abamazi eziphuzela anganandaba nokwenzeka celeni kwakhe. UAmanda yena uyamusaba ubabMongezi vele akakhoni nokukhuluma phambi kwakhe, uCebile yena ubona ubaba wakhe wayelwa kanje uma kukhona ozophazamisa umndeni wakhe.

Umawabo umangele naye njengoNathi ubhuti aphenduke abone ukuthi ubathusile

BabMongezi:”Ngiyaxolisa hambani niyolala.”

MamGugu:”Besingekho isidingo sokumshaya ngalohlobo bhuti umfowenu lo.”

BabMongezi:”MaSiwela ufuna ngimubize azokupotoza amabele futhi? Ngingamubiza uma nizongibeka icala ngalohlobo makabuya ningangilandi mina nxxxx.”

Hayibo bathuke bonke kodwa aswabe umamGugu akakaze aphathane kabi noMongezi azisole ngamagama wakhe. Makathi uyaphuma amulandele beme emnyango

MamGugu:”Bhuti ngiyaxolisa mina bengisabela ukuthi uzoboshwa izingane zami zisele nawe zibuka wena njengobaba.”

Adonse umoya ubabMongezi athambe naye abe namahloni okuvele athukuthele nangu sekakhala umamGugu ukhaliswa nguye. Angacabangi amuwolele esifubeni sakhe umamGugu ezwe iphunga lakhe aqamele kakhulu kuye. Nali lephunga elimulolozelayo noma usebenzisa amakha omyeni wakhe, kodwa uma asebenzisa lawo makha kungani angamuzwa emini. Mhlawumbe abezikhumbulele ubhuti wakhe omncane wazithela ngawo. Konke lokhu uyakucabanga umamGugu kodwa kuyala kuthi asuke kuye.

Ezwe ubabMongezi indlela azisondeza ngayo kuye ukuthi kukhona akuzwayo, uNathi noSinalo bamangele abazi okwenzekayo ngoba ubabMongezi akalanzi nje iphutha lokubheka umawabo abasayiphathike eyokumthinta. Azame kumususa ubabMongezi iqine inkosikazi yamfowabo adonse umoya kancane amuphakamise.

Sinalo:”Hayibo.”

Ahambe naye ayongena egunjini lakhe angawuvali umnyango ngoba uzizwile izinyawo zimlandela noma engazi ubani. Amulalise amumbese kahle afise kumulinda azumeke kepha akubone kungabukeki lokho. Acime ugesi avale umnyango balindile kwiphasiji bonke angababheki amemeze umamGugu.

MamGugu:”BHUTI UNGAHAMBI PLEASE.”

AAhlulekekubuyela emuva ubabMongezi nezingane nazo zingazi zithini aphinde futhi amubize.

Bonke:”Baba.”

Abuyele emuva angene angawuvali ayoma celeni kombhede amubheke, uNathi avale umnyango

Nathi:”Asambeni.”

Bangaphikisi bahambe kepha bonke abafisi ukuhamba ngoba bafuna ukwazi ukuthi kukhona okwenzekayo na phakathi kwabo. Bangabuzi lutho kwanaye uNathi unemibuzo kodwa angasho lutho ayishalazelele. Bayongena emagunjini abo.

BabMongezi:”Sesi.”

MamGugu:”Namuhla unuka njengomyeni wami bhuti.”

BabMongezi:”Ngiyaxolisa kepha mangilala njalo ngizithela ngamakha wakhe ngoba ngiyamukhumbula nami.”

MamGugu:”Kulungile.”

BabMongezi:”Ulale kahle ngizokubona ekuseni.”

Avume ngekhanda aphume ubabMongezi izingane azisekho zonke abe namahloni ayovula egunjini likaSinalo. Amufice ahlezi phezu kombhede angakalali.

BabMongezi:”Ndodana.”

Sinalo:”Baba.”

BabMongezi:”Buya uzokhiya emnyango ubheke umawakho.”

Sinalo:”Kulungile baba.”

Afulathele aphume akhiye umnyango uSinalo ayovusa uCebile.

Sinalo:”Hamba uyolala nomama.”

Cebi:”Bhuti mawucabanga umama no babomkhulu.”

Amungene emlonyeni uSinalo

Sinalo:”Angazi ndoda futhi angifuni nokucabanga nawe ungacabangi izinto ezingakufuni.”

Angabuzi kaningi naye ahambe ayolala nomawabo amufice engakazumeki asakhala angene engubeni balale…

***ISIQEPHU 43***

***KWANTULI***

Umama kaSbongile abelokhu engakhulumisi indodakazi yakhe selokhu amufica alwa noMihla egcekeni. Manje sekawehlisile umoya uyamubuka uyageza phambi kwakhe.

MamYoli:”Sbongile kwenzakalani ngawe noMihla ngaleya mini?”

Sbo:”Abengishaya athi ngithandana nesoka lakhe.”

MamYoliswa:”Uyathandana wena nalo?”

Sbo:”Cha mama ungaze ungibuze into enjalo kodwa ngakutshela ukuthi lesoka lakhe lazama ukulala nami nganqaba.”

MamYoli:”Ngiyakhumbula sesi, wena unalo isoka?”

Sbo:”Anginalo futhi angiboni ukuthi ngiyoke ngilifune amadoda asangene mina ngifuna ukuzifundela nje ngisebenze.”

MamYoli:”Ngiyazi ngakukhulisa kanjalo kodwa manje ngiyabona ukuthi ngenza iphutha, uzomudinga umuntu ozojabula naye.”

Sbo:”Ingani wena mama uzihlelele akunalutho eyenzekayo.”

MamYoli:”Akumnandanga kodwa mntanami, usukhulile manje uma uhlangana nomuntu uzizwa uyamuthanda ungathandana kodwa ungithembise ukuthi ngeke ulale naye ningakashadi.”

Sbo:”Hayibo mama umenzeni uYoliswa wena uthi ngingaba nesoka.”

Ahleke

MamYoli:”Yebo ngisho njalo ngoba usukhulile manje futhi uziphethe kahle sesi uyakwazi okungalunganga, umama ngeke asayilawula impilo yakho kodwa uzinakekele sesi ngeke ngihlale ngikhona duze nawe.”

Sbo:”Ungalinge ukhulume izindaba zokushona mama.”

Agqoke azilungise kahle aphume ayochitha amanzi makabuya nomawakhe sekaqedile ukugqoka.

MamYoli:”Shesha sesi ngifuna ukundlula kuleya atm ngibheke kuthi nginamalini.”

Sbo:”Sizohamba ngetekisi?”

MamYoli:”Cha wena uzogibela mina ngizohamba ngezinyawo anginayo imali.”

Sbo:”Yazi mama ngeke ngilokhu ngisaba abantu sizohamba sobabili ngezinyawo.”

MamYoli:”Kukusizile ukuhamba nalomfana ngoba selokhu wabuya awusakhali futhi.”

Sbo:”Kona kwangisiza.”

MamYoli:”Angisamboni sekuze kuphela isonto lonke .”

Sbo:”Angazi mama asambe, umalume uthe uzosilanda makuphuma isonto.”

MamYoli:”Umalume wakho akakhathali naye kodwa kungangeni esontweni.”

Sbo:”Kuncono ngoba akasabi ukusondela azosishiya.”

MamYoli:”Udinga inkosikazi ezomungenisa.”

Sbo:”Mama umalume unenkani angimuboni nje ehlala nenkosikazi bangahlala balwa.”

MamYoli:”Asambeke sesi.”

Baphume akhiye umawakhe bahambe uSbongile ubambe amaqhumela wakhe ngezandla ugqoke izicathulo eziphansi. Mabafika eATM abheke umama Sbongile amangale uSbongile aze asondele kuye.

Sbo:”Kwenzenjani ma?”

MamYoli:”Imali injengoba ibinjalo lomfana usithengele lokudla.”

Sbo:”Mina azange nginake ma.”

MamYoli:”Angeke ngiyivume nje leyo kusasa uzabe asidelela la.”

Sbo:”Ngeke akwenze lokho uSinalo ma, uyahlonipha.”

MamYoli:”Ukwazi ngani lokho?”

Sbo:”Ngamubona indlela angayo.”

Akhiphe imadlana

MamYoli:”Asisale sigibela itekisi isikhathi sesihambile.”

Mabafika enkonzweni sekuyakhulekwa bafike bahlale nabo kukhulekwe, kudunyiswe kushunyayelwe. Makuphuma inkonzo baphume bahambisana nabanye abazalwane.

“Ngiyalithanda iqhumela lakho yazi namuhla kuyakhulekwa nje ngilokhu ngibuke lona.”

Sbo:”Usho ukuthi awukhulekanga sisi namuhla ubuvule iso elilodwa.”

Bahleke

“UNokuthula igama.”

Sbo:”USbongile ngiyaqala ukukubona la enkonzweni.”

Nokuthula:”Ngiqeda kufika kulendawo.”

Sbo:”Uze ngesikole?”

Nokuthula:”Lutho isikole ngimdala kangaka, ngize ngomsebenzi.”

Sbo:”Ngiyakubongisa ngiyathemba konke kuhamba kahle emsebenzini.”

Nokuthula:”Kuhamba kahle ukuba nesizungu nje kwesinye isikhathi.”

Sbo:”Phephisa.”

Asondele kubo umama Sbongile

Yoli:”Angikulindisanga kakhulu angithi, unjani sesi?”

Nokuthula:”Ngiyaphila unjani ma.”

Yoli:”Ngiyaphila.”

Sbo:”Umawami lona mama uNokuthula lo uqeda ukufika la.”

MamYoliswa:”Ngiyazibuza ukuthi umazelaphi ngoba nami ngiqale ukumbona kulesonto elendlule.”

Mabafika la ekupakwa khona izimoto

Nokuthula:”Angiqondile ukuphapha bandla singahamba sonke? Ngiyazi manje ngiyohlala ngiphathwe usizungu.”

Yoli:”Inkinga ayikho sesi singahamba kodwa silinde ubhuti wami.”

Sbo:”Sengikhohliwe ma ungithumelele umlayezo kuthi ubambekile ngeke aseza uzosifica endlini.”

Yoli:”Wuuu uDumsane yena, kulungile sizohamba nawe kodwa ngiyathemba awuhlali kude uzolahleka phela masobuyela emuva.”

Nokuthula:”Ngiwumshayeli ma ngeke ngilahleke kakhulu.”

Bagibele baxoxe ngomlayezo wanamuhla baze bafike aphake uYoliswa badle uDumsane afike basadla abingelele.

Yoli:”Ububambeke kuphi?”

Dumsane:”Kwenye indawo  nje.”

Abheke uNokuthula ngoba akamazi

Yoli:”UNokuthula lo sikhonza naye size naye, ubhuti wami lo uDumsane.”

Nokuthula:”Ngijabulela kukwazi bhuti.”

Dumsane:”Sho.”

Amunike isandla baxhawulane luqhubeke usuku uDumsane abukele umdlalo webhola kumabonakude bona bazixoxele kuze kube yintambama.

Nokuthula:”Sengiyahamba manje ngiyabonga bandla namuhla ngizizwe ngiwumuntu nami.”

Yoli:”Khululeka mawuzizwa ukuthi ufuna ukubuya ukhululeke.”

Bamuphelezele angene emotweni yakhe ahambe uYoliswa makabuya ayoxoxa nobhuti wakhe.

Yoli:”Muhle ne.”

Dumsane:”Uqalile sisi ngakutshela ukuthi impilo engiyiphilayo ayingivumeli ngibe nenkosikazi.”

Sbo:”Hawu malume manje uzohlala kanje.”

Dumsane:”Yebo akukho phutha futhi, ngimele amalobolo wakho.”

Yoli:”Asazike ngoba naye uthi akafune kushada.”

Dumsane:”Ini musa ukudlala mshana siphi lesigaqa somfana bohamba naso ngaleya mini.”

Sbo:”Ungumngani nje.”

Dumsane:”Ayikho leyo.”

Sbo:”Futhi nje ufana nomuntu othandwa amantombazane ayaziphosa kuye cha ngiyabonga.”

Dumsane:”Mawaziphosa yena wenzani?”

Sbo:”Ngenkathi ngihamba naye phela abengawanaki kodwa ngiyazi makayedwa ziyabuya.”

Dumsane:”Ngaze ngaphatheka kabi phela besengithenge nesudi ngithi uyalotsholwa umshana.”

Bahleke

Yoli:”Ave unehaba kodwa bhuti.”

Ahambe umalume wakhe basale begeza izitsha azibuze uSbongile ukuthi kungani vele angamushayeli uSinalo kanti sekuphele neviki. Abuye azibuze ukuthi uzomushayela ngoba kwenzenjani abasiyizo izithandani nje.

Sbo:"Hawu ma namuhla besilibelwe usisNokuthula angimukhelelanga ugogo waNhloso amanzi."

Yoli:"Nami ngikhohliwe bandla asambe ngizokuphelezela."

Sbo:"Ngizothatha lezigubhu ezisemkhukhwini amanzi ngizomufakela kusasa emabhakedeni akhe."

Baphume bayomukhelela amanzi bamumukisele abonge naye mabaphuma nangu uNhloso wehlika emotweni kanokusho enkulu abangayazi nokuthi yini igama layo. Kwehlike nalomuntu ahamba naye bahagane uNhloso angabi namahloni nje makabona umama Sbongile. Bahagane baqabulane bandlule boSbongile kubo bayongena kwabo.

Yoli:"Lengane ngiyayizwela mzukwana iNkosi ingakhumbula ugogo."

Sbo:"Baphi abazali bakhe vele mama ngoba akafuni ukukhuluma ngabo."

Yoli:"Umawakhe washona ubabakhe akaziwa wadliwa iziphi izintaba ngoba wamuletha kugogo wakhe wahamba wangabuya."

Sbo:"Ohhhh ugogo ungumama wababa wakhe?"

Yoli:"Yebo."

Sbo:"Uyabona yingakho ngingafune kushada mina masengishona la ngishiye ingane yami incane cha ngiyabonga."

Yoli:"Nami uNkulunkulu uzongikhumbula uzobese usala nobani."

Sbo:"Ngikukhuzile Yoliswa angithi ngokukhuluma ngokufa."

Yoli:"Ubiza bani ngegama wena ngizokushaya."

Bahleke mabangena athole umlayezo uSbongile obuya kuNokuthula kuthi uhambe kahle, bahambe bayolala nabo…….

***ISIQEPHU 44***

***DANISILE***

Avuke ekuseni uMsombuluko ulale epake kahle izimpahla zakhe namuhla ubuyela emzini wakhe.

MaKhoza:"Uzohamba ngani?"

Dani:"Ngetekisi ma."

MaKhoza:"Awushayeli ngani umkhwenyane akulande."

Dani:"Usemsebenzini manje ngifuna angifice endlini."

MaKhoza:"Sizokuphelezela nobaba."

Dani:"Cha mama."

Khoza:"Yebo sizokuphelezela."

Dani:"Ngiyabonga baba."

Khoza:"Lomyeni wakho enze isiqiniseko kuthi uyakhula manje ngoba leli ithuba lokuqala lokugcina."

Dani:"Kantike baba mina ngiwuKhoza ngeke ngisahlalela into ebhedayo, kwabakhona akwenzayo ngihambile."

Badle mabaqeda asize ukugezisa umawakhe izitsha bese bayahamba, bahamba bezixoxela nje.

Khoza:"Asingeni sesi ube kahle uyezwa."

Dani:"Ngiyabonga baba."

Khoza:"Ungasabi ukungishayela noma nini."

Dani:"Nihambe kahle baba ngiyabonga kakhulu."

Amehlisise izikhwama zakhe angene makuvaleka isango aqonde endlini, abuke imoto yakhe selokhu imile la ayishiya khona. Avule endlini athalaze ayobeka izikhwama zakhe egunjini lakhe. Konke kuhlezi kahle ashayele umyeni wakhe ucingo.

Nsizwa:"Mama khona."

Dani:"Unjani baba khona?"

Nsizwa:"Ngijatshuliswa ukuthola ucingo oluvela kuwe cabanga."

Dani:”Ungaze ujabulele lokho?”

Nsizwa:”Phela bewungasangishayeli, unjani sthandwa sami.”

Dani:”Ngiyaphila myeni wami ngiyabingelela nje.”

Nsizwa:”Ngicela kukulanda phela mkami namuhla hawu.”

Dani:”Yabonake uqalile, sizobuye sikhulume ngiyakuthanda.”

Nsizwa:”Nami ngiyakuthanda.”

Aluvale athathe ikhadi lakhe nokhiyo wemoto ayothenga ukudla, akukho vele uyazi umyeni wakhe akapheki. Athenge aqede abuyele emuva aqale apheke alungise kahle konke. Ulokhu ubheka isikhathi sekazofika umyeni wakhe alungise netafula ahambe ayogeza naye agqoke izinto zakhe zokugabisela umyeni wakhe. Kudala agcina ukuhlangana naye ngenxa yezinkinga.

***__NSIZWA__***

UNsizwa ashayise ngaphambi kwesikhathi ngoba ufuna ukuyozilungisa azokwazi ukuyobona inkosikazi yakhe. Phela manje ubaba wenkosikazi yakhe sekamamukele uzongena akhululekile. Abone ukuthi aqale kuMihla khona angezu kumfonela makafika ngakubo angasondeli amushayele kuthi ungaphandle. Eze makafika amuqabule

Nsizwa:”Unjani?”

Mihla:”Ngiyaphila khani ubuya emsebenzini?”

Nsizwa:”Yebo ngiyolala namuhla bekuwusuku olude ngikhathele.”

Mihla:”Unesiqiniseko ukhathele?”

Nsizwa:”Ngikhathele yingakho ngisheshile kuhamba.”

Mihla:”Ngilinde ngiyothatha ucingo lwami ngeke senze lutho sizophumula sobabili.”

Nsizwa:”Cha sthandwa sami ngizoya kuyoba umkami.”

Aswabe abheke phansi

Mihla:”Ohhhhh uthe ukhathele.”

Nsizwa:”Ngizile nala kuwe ngikhathele nginjalo angithi.”

Mihla:”Bengibuza nje.”

Nsizwa:”Khumbula uthe uzohlonipha inkosikazi yami.”

Mihla:”Ithi ngingakubambezelike.”

Bahagane

Mihla:”Sizokhuluma masolala.”

Nsizwa:”Ngizokushayela mina.”

Ahambe uMihla nenhliziyo ebuhlungu umuntu omuthandayo azokutshela ukuthi uya komunye umuntu. UNsizwa asuse imoto aqonde kwakhe ujahele kuyogeza ayobona inkosikazi yakhe. Makavula umnyango ahlangatshezwe iphunga amoyizele ngoba uyazi inkosikazi yakhe le futhi iphunga lokudla kwakhe loku. Angene ngokushesha

Nsizwa:”Baby.”

Nasi isikhwama phansi ezitebhisini akhuphuke naso akekho nasegunjini labo kunepheshana phezu kombhede alifunde.

*Geza ususe lephunga lamakhwapha ngizophuma la engicashe khona masonuka kamnandi.*

Ahleke akhumule ayongena kushawa uyazi inkosikazi yakhe kwakudala izinto azithandayo lezi kudlala ngaye kuqala bese bayajabulisana. Kwakumucasula ngezinye izinsuku enze ngathi akaboni lutho. Namuhla ujabulile ageze aqede azisule makaphuma ubeke isikhindi sakhe embhedeni naso sinepheshana.

*Gqoka lokhu kuphela ngoba isidlo sanamuhla sikudinga unje. Mawuqeda ulandele lezimbali la eziya khona.*

Agqoke lesikhindi sodwa ashiye nocingo lapho ujahe kubona umkakhe, aphume azilandele izimbali zimukhomba ngaphandle avule umnyango ongemuva nayi inkosikazi yakhe engadini ibekile ukudla phansi  yona igqoke igown emfushane. Ajabulise okwengane uNsizwa asondele ayohaga umkakhe eside isikhathi.

Nsizwa:”Ubuyile.”

Dani:”Ngibuyile myeni wami.”

Nsizwa:”Ungaphinde uhambe.”

Dani:”Ngeke ngiphinde la ngizoxoshwa amanyala kuphela futhi manje ngeke ngisabuya so wena ziphathe kahle.”

Ashawe uvalo acabange lento yaMihla

Nsizwa:”Nakanjani sthandwa sami.”

Bahlale phansi badle baxoxa ngekusasa labo nabantwana ababafunayo. UNsizwa azicabange naye uhlobo lwempilo ayiphilayo awabone amaphutha nobuhlungu abuzwise inkosikazi yakhe. Mabelokhu bexoxa ahleka uyabubona ubuhle bakhe nokuthoba futhi, nguyena owamushintsha sekahlala ethetha njalo. Asuke la ahlezi khona asondele kuye ahlale celeni kwakhe amuhage.

Nsizwa:”Ngiyaxolisa sthandwa sami.”

Dani:”Sekundlulile manje kumele ungisize sibambisane ngikhone kukuthemba futhi.”

Nsizwa:”Mangabe into okumele ngiyenze nsuku zonke leyo ngizoyenza.”

Dani:”Kumele siqoqe la siyolala kusasa uyangena.”

Nsizwa:”Ngingagula mangithanda  phela.”

Bahleke bobabili asukume uDanisile amubuke eme phambi kwakhe akhumule legown ayigqokile akhamise uNsizwa.

Nsizwa:”Mfazi uwubonephi manje lomkhuba?”

Dani:”Umkhuba wani?”

Azibambe okhalweni akagqokanga lutho amubambe ngomlenze uNsizwa amudonse kuthi awe, bahleke makawela phezu kwakhe.

Dani:”Uzongilimaza.”

Nsizwa:”Kungafa mina kuqala kunokuthi ulimale.”

Baqabulane belokhu bephendulana lapho babuye bahleke, uDani abe phezulu baqabulane ehle ayomukhumula isikhindi  sakhe. Isitho siphume siqhasha asibambe uDansile asishayise indlwabu kancane bese usijikijela emlonyeni.

Dani:”Ohhhhh shit Dansile.”

Amumunce aze ancele ikhinci lodwa abuye awufake wonke emlonyeni, aqume uNsizwa umkakhe akakaze amenze lokhu. Bekanqaba noma amucela azizwe ejabulile kakhulu masekadelile ukumuncela amuyeke abuye phezulu kuye. Baqabulane amuphendule uNsizwa abe ngaphezulu baqhubeke ngokuqabulana. Makathi uzibamba isitho sakhe uNsizwa kuthi amungene

Dani:”Cha ngidlalise kuqala ngiyahalela nami ngincele.”

Amoyizele uNsizwa

Nsizwa:”Ngizozichamela sthandwa sami ngikufuna kakhulu, ngizokuncela masesiphinda ngiyakucela.”

Inhliziyo yakhe  ibe buhlungu uDansile kepha angafuni ukumosha lomzuzu wabo omnandi. Alule isandla adonse isikhwanyana sakhe la asibeke khona akhiphe icondom amunike. Amubuke naye uNsizwa phela selokhu bashada abakaze basebenzise icondom. Asuke kuye amubheke ngokuphoxeka.

Nsizwa:”Seriously?”

Dani:”Uyazi angikuthembi kumele sisebenzise icondom size sithole imiphumela yethu.”

Nsizwa:”Manje izingane sizoba nazo kanjani?”

Dani:”Masesithole imiphumela ezinyangeni ezintathu sizobuyela esimeni sethu.”

Nsizwa:”Ngiyaziwisisa.”

Baqabulane futhi manje sebajahe kukhipha lokhu okubasunduzayo kubo imizwa, masebadelile kuqabulana nokuphululana uNsizwa azifakele icondom uDani umubhekile makayifaka ize yanele kahle, asondele kuye azibeke emlonyeni aqale alalele lokufuthumala.

Dani:”Ahhhhh.”

Amungene bafendane balapho ngaphandle abanandaba ngoba basegcekeni labo futhi kukanjelwe ngobonda olude. Bafendane elokhu ekhala uDansile wenza umsindo ukhululekile.

Dani:”Ngiyakuthanda.”

Nsizwa:”Ngeke ungithande njengami.”

Baqhubeke baze baqede baqoqe babuyele endlini

Sizwa:”Unomkhuba wena wangikhumulisa ngaphandle.”

Dani:”Awuthandanga?”

Nsizwa:”Ngithandile kakhulu futhi.”

Dani:”Ngisayogeza.”

Bangene egunjini labo uDansile aqonde ebhavini uNsizwa asale abuka ucingo imilayezo ebuya kuMihla eminingi kanye nocingo, anikine ikhanda uyabona ukuthi makafuna ukugcina inkosikazi yakhe kumele ayeke uMihla phela uzogcina aziveza. Amubhalele umlayezo makaqeda abhlokhe inombolo yakhe ayogeza nomkakhe.

***MIHLA***

UMihla azame ukuzibamba kodwa ahluleke agcine sekamushayela makushaya ihora leshumi. Angabambi uNsizwa akasakhoni nje impela kulala angakhulumanga naye. Agcine sekamuyeka angene engubeni ezwe sekungena umlayezo agxume awufunde.

Nsizwa:*Ngikutshele kahle ukuthi ngizobona inkosikazi yami kumele uyihloniphe mawungishayela kangaka ufuna sixabane nomkami? Uma kunzima go to hell angisakufuni nxxxx.*

Ashise uMihla ahlale ngezinqe embhedeni akhale aze alale ekuseni abheke ucingo lwakhe azange amushayele ngisho nomlayezo owodwa nje. Avuke ayogeza kuthi

makushaya ihora lokuqala amushayele yena lungangeni. Aphinde futhi  lungangeni ahambe ayothatha ucingo lwamawakhe amushayele ngalo lukhale bese umushayela ngolwakhe ngokushesha lungangeni.

Mihla:”Ohhhhhh ubhlokhe inombolo yami.”

Ahlale azicabange phela akakwazi ukuyeka uNsizwa amthanda kangaka.

MamZobe:”Mihlayenkosi.”

Mihla:”Mama.”

MamZobe:”Awulandi imiphumela namuhla kanti?”

Mihla:”Ngiyilanda kusasa mama.”

MamZobe:”Uhamba noSbongile na? “

Mihla:”Cha mama.”

Athule umaMzobe azihambele ngoba ukhuluma nendodakazi yakhe ayimuvuleli nomnyango…….

***ISIQEPHU 45***

***KWANKOSI***

UmamGugu uhlezi noAmanda bayaxoxa nje

Amanda:"Mama izolo ubungekho kahle ubabMongezi wasitshela ukuthi bekuwusuku lukababa lwangempela lokuzalwa."

MamGugu:"Uqinsile kepha ngikahle manje."

Athalaze uAmanda

MamGugu:"Usufuna ukuhleba ke."

Amanda:"Mama ubabMongezi umubone kahle?"

MamGugu:"Ngimubone kahle ukuthini?"

Amanda:"Uyasabeka ubabMongezi mama ukhuluma into kanye yenzeke ingabe uthwele na?"

Ahleke umamGugu

MamGugu:"Usangene wena umuntu othwele unje ngobhuti."

Amanda:"Okokuqala nje ukuthi ngiyamusaba mina angikhoni nokumbheka, okwesibili mama makangena nje kuyashuba la endlini buka ukhuze uNathi kanye wavele wayeka lento ayenzayo thina besesimemeze kawungakhi nje. Nawe uvele wakuqubula nje."

Athule kancane  umamGugu acabange lento abeyiyo aze ashaye umfowabo ngalohlobo.

MamGugu:"Ubhuti yena kukhona anako njengesipho mhlawumbe noma igunya angazi, yazi noMondli wayebiza yena lezingane mazingalaleli ngisho nomyeni wakho."

Amanda:"Wena akakuthusi?"

MamGugu:"Cha ubhuti uhlonipha kakhulu kanti futhi akazwani nokubheke celeni."

Amanda:"Izolo kungakenzeki lesiphithiphithi sikuzwe uhleka egunjini lakho?"

Athuke umamGugu

MamGugu:"Ngihleka:"

Amanda:"Eya ma ubuhleka gagagaga ugegetheka kamnandi uSinalo uze wathi uhleko lwalukhishwa ubaba kuphela lolo."

MamGugu:"Mhlawumbe bengiphupha angazi."

Kukhale ucingo lwamam Gugu aluphendule

MamGugu:”Hellow.”

“Unjani sisi.”

Amangale makezwa iphimbo angalazi aze abuke ucingo lwakhe futhi alubuyisele endlebeni.

MamGugu:”Ngiyaphila.”

“Ngicela ukukhuluma noGugulethu Nkosi.”

MamGugu:”Nguyena okhulumayo.”

“Ohk ukhuluma no Mawande sisi ngikushayela ngiseNdabezitha.”

MamGugu:”Ngilalele.”

Mawande:“Inkosi yesizwe ifuna kukubona sisi.”

MamGugu:”Ingabe ishilo ukuthi kumayelana nani?”

Mawande:“Cha yena uthe ngikushayele ngikucele kuthi uze ngoMgqibelo lo esiya kuwo.”

MamGugu:”Kulungile itshele inkosi ngizoza.”

Mawande:”Ekuseni ngo 9.”

MamGugu:”Kulungile.”

Aluvale ucingo

MamGugu:”Nawu umhlolo wami.”

Amanda:”Le ifana noSmangela nalobaba wakhe wesiphundu eside ngathi ufase iphondo nxxxx.”

MamGugu:”Kahle ukweyisa.”

Amanda:”Mama uzoya lapha umuhle ugqoke neqhumela naleyo nkosi izokubona kahle ukuthi awufanelwe ukungenwa, ngamane ungenwe ubabMongezi phela insimbi leya.”

MamGugu:”AMANDA.”

Amanda:”Yebo ma ngisho babMondli la akhona ungaxola cabanga songenwa uButana.”

MamGugu:”Nami ngeke ngiyivume leyo ngamane ngishiye yonke lengcebo abayikhalelayo.”

Kuthuleke uAmanda adonse umlomo aze amubheke umamezala wakhe

MamGugu:”Kwenzenjani?”

Amanda:”Yazi mama ngenkathi sisekhaya ngibone uMihla nomlisa oshadile mangizama kumubonisa wangilwisa nje wangeyisa.”

MamGugu:”Bayathandana yini?”

Amanda:”Bayathandana ulisho ligcwale umlomo kuthi nginomona angifuni azitholele umuntu onemali naye. Yazi mama lento mayingafika ezindlebeni zikamama izomulimaza. Umama uyamuthanda uMihla uyikho konke kubo bobabili.”

MamGugu:”Mushayele umubize.”

Amanda:”Akasazibambi izingcingo zami.”

MamGugu:”Nginike inombolo yakhe ngeke simubukele alahle ikusasa lakhe kanjalo nje.”

Amunike amushayele umamGugu

Mihla:”Mihla hellow.”

MamGugu:”Mihla ukhuluma nomama Cebile.”

Mihla:”Yebo mama ngiyakuzwa.”

MamGugu:”Ingabe kukhon okwenzayo namuhla?”

Kuthuleke kancane

MamGugu:”Mihla.”

Mihla:”Ma.”

MamGugu:”Kukhona okwenzayo namuhla?”

Mihla:”Akukho ma.”

MamGugu:”Lalelake ngizothumela uSinalo akulande manje, ngifuna ukukhuluma nawe.”

Mihla:”Ingabe ikhona inkinga mama noma engikwenzile?”

MamGugu:”Uzozwa mawufika la.”

Mihla:”Kulungile mama ngicela ungiphe imizuzu ewu 20 ngizilungise.”

MamGugu:”Kulungile.”

Aluvale

MamGugu:”Ngizokhuluma naye sesi ungakhathazeki, uphi uSinalo?”

Amanda:”Ngiyacabanga uyabhala ngale.”

MamGugu:”Mangabe umatasa kakhulu ngizoziyela ithi ngimubheke.”

Asukume aye egunjini likaSinalo akokode

MamGugu:”Nalo.”

Sinalo:”Ayyyy mama uqalile ngalegama lakho, ngena.”

Angene sekamoyizela umawakhe umatasa ngezincwadi futhi

MamGugu:”Uzothatha nini ikhefu?”

Sinalo:”Bengithi ngizofuna ukudla manje ngoba ungena.”

MamGugu:”Ngicela ungilandele uMihla kubo  uzobuya sengikuphakele.”

Sinalo:”Soskima naboMihla manje mama?”

MamGugu:”Hhey  hamba.”

Athule uSinalo abuke umawakhe

MamGugu:”Wangibuka ngamehlo wababa wakho uzama ukungishama.”

Amoyizele uSinalo

Sinalo:”Cha ma ngiyakhathazeka ngawe, ngenye imini ujabulile ngenye futhi uthulile, ingabe umama ukahle?”

MamGugu:”Ngikahle ndodana ungazikhathazi ngami, yimina okumele ngizikhathaze ngani. Kunjani eskoleni kulezinsuku uyafunda ungakakhunjuzwa uCebile.”

Sinalo:”NoNathi akasangibhongeli njalo.”

Ashintshe iphimbo alungisele elaNathi.

Sinalo:”Hhey hhey Sinalo ukhamiseleni izincwadi zakho zishile noma zilahlekile?”

Bahleke nomawakhe

MamGugu:”Wena awuzwa kodwa ngiyajabula ngokuzimisela, ubaba wakho uyaziqhenya la ekhona mangabe uyakubona.”

Sinalo:”Yazi mama mina bengifunda nje ngoba ubaba nobabMongezi bangithuma bakhipha nemali kuthi ngiyofunda. Bengingenandaba noma ngiyafeyila ngoba ngiyazazi nginethalente. Kukhona lo ongenze ngabona ngenye indlela kusukela angibonosile sengiyasibona isidingo sokufunda.”

Amoyizele umawakhe.

MamGugu:”Ubani lowo?”

Sinalo:”Ahhhh umngani nje.”

MamGugu:”Umngani wentombazane?”

Sinalo:”Kahle ma ithi ngihambe.”

MamGugu:”Angitholi kahle boCebile balinde imiphumela wena kungani usabhala?”

Sinalo:”Asifundi into eyodwa ma.”

MamGugu:”Noma ningafundi into eyodwa kodwa izinhlelo zamanyuvesi ziyafana.”

Sinalo:”Angazi ngikuchazele kanjani kuthi uzwisise ma, uCebile wenza amapracticals manje kuyafana nokuthi uyahlolwa uzobese ugqoka ijazi.”

MamGugu:”Yazini ubuqinsile isystem yamanje ingenye indlela angizwa lutho.”

Sinalo:”Ithi ngihambe ma.”

MamGugu:”Shesha ngikuthuma kuMihla hhayi kulo okubonise ngokufunda.”

Sinalo:”Uyajabula kodwa ma ukuthi ngiyakhula ngiyafunda manje.”

MamGugu:”Ngiyajabula yingakho ngifuna ukumubona lowo ngathi kuzoshadwa maduzane.”

Sinalo:”Weeeeee awubheke ngakuCebile ngiyabona nje nguye ozosigqokisa amasudi.”

MamGugu:”Ngalomlisa weloli?”

Sinalo:”Umashayisa isango mama ngiphakele ngilambile ithi ngilande lehlanya.”

Basukume baphume belandelana uSinalo aqonde emotweni yakhe, angakagibeli abone ubabMongezi emile ngasengadini la babehlanyela khona izimbali. Zinhle lezimbali futhi zikhula kahle azishi azidliwa nayizilwane. Umile ubheke kuzo ngqo ngathi uyacabanga azikhuze makathi uya kuye agibele emotweni ayisuse. Ashayele aze afike kwaMzobe angene.

Mzobe:”Haaaa Nkosi omncane ngikusiza ngani?”

Sinalo:”Ngithunywe umama kuthi angizolanda uMihla.”

Mzobe:”Hawu noma nguwena ozithumile nje ngeke umuntu azi.”

Ahleke uSinalo

Sinalo:”Akusinjalo baba.”

Mzobe:”Kulungile nali igumbi lakhe mumemeze emnyango, mina ngisayophumula.”

Asukume uMzobe amulandele uSinalo afike amumemeze emnyango njengokusho kwababa wakhe.

Mihla:”Ngiyeza manje Sinalo.”

Sinalo:”Uzongithola la ngaphandle.”

Aphume afike ayamele emotweni ngaphandle kwegceke acabange uSbongile ngoba aceleni kwakubo. Isonto lonke ulokhu uyamucabanga kepha uyazibamba kuthi

amushayele. Akhiphe ucingo lwakhe amushayele angababmbi, abuyisele ucingo lwakhe ekhikhini. Aqhamuke uMihla makasondela uSbongile uhamba emgwaqeni ubuya esitolo ufanisa lemoto. Amangale makabona uSinalo avulela uMihla umnyango angene emotweni. Naye ayogibela ayisuse imoto bayahleka eme uSbongile ayibuke imoto ize isithele.

Bafike kwaNkosi sebabalindile kepha uAmanda usegunjini lakhe uSinalo aqonde ekhishini ayodla. UmamGugu uhlezi ngaphandle ezihlalweni ngaphansi kwesihlahla bese buqamamana kunalezimbali ezinhle.

Mihla:”Sawubona mama.”

MamGugu:”Unjani nana?”

Mihla:”Ngiyaphila.”

MamGugu:”Kunjani esikoleni?”

Mihla:”Kukahle mama kusasa ngilanda imiphumela nje.”

MamGugu:”Ngikuthelele kokuphuza?”

Mihla:”Cha mama ngiyabonga.”

MamGugu:”Kulungile tshela mina ngoba umuhle kangaka usenyuvesi futhi uyathandwa kini ikusasa lakho ligqamile libonakala nje.”

Mihla:”Ngiyabonga mama.”

MamGugu:”Uyazi ukuthi nguwena ongabulala ikusasa lakho noma ongaliqhakazisa kahle.”

Mihla:”Ngiyazi mama.”

MamGugu:”Kungani ufuna kubulala ikusasa lakho ngokuthandana nendoda eshadile?”

Athule uMihla baphazanyiswe iloli lime esangweni ngaphandle, asukume umamGugu ayoma khona kuphume noSinalo. Kwehlike uLwazi

Lwazi:”Sanibonani mama.”

MamGugu:”Unjani ndodana singakusiza.”

Sinalo:”Umama akakuboni uLwazi ma.”

Akhamise umamGugu makabona ukuthi uLwazi noSinalo bayahleka naye ahleke

MamGugu:”Manje waba njena kwenzenjani?”

Lwazi:”Indaba ende mama bengizolungisa isango.”

MamGugu:”Mina sengize ngabiza abantu bathi bayeza ngoMgqibelo.”

Lwazi:”Bengibambeka emsebenzini ngiyaxolisa kungaqhamuki.”

MamGugu:”Kulungileke qeda uhambe uyogeza maaan.”

Bagegetheke kakhulu afulathele amushiye lapho nabantu bakhe ababili, afike ahlale phansi futhi celeni kwaMihla.

MamGugu:”Phephisa kukulindisa nana, ngitshele kungani sesi uyazi indoda eshadile, okokuqala ngeke ishiye umkayo ngenxa yakho. Okwesibili uzivulela iziqalekiso ezizokulandela impilo yakho yonke ngoba manje uphazamisa lokhu okwahlanganiswa uNkulunkulu. Izinyembezi zalomfazi azikhalayo makanawe ngeke ziwele phansi zizoza kuwe. Angikubizelanga ukukwahlulela  kepha ukukuvula amehlo njengomzali.”

Mihla:”Mama.”

Amungene emlonyeni

MamGugu:”Abanye abafazi  bayakhuleka la ngaphandle abanye basebenzisa izinto zabo ezinye kuze bavikele imishado yabo hlukana nalomuntu.”

Mihla:”Yazini mama Cebi awungizali, awusuye umawami, futhi awusuye nomamezala wami awunalo ilungelo lokungibiza uzokhuluma nami ngempilo yami.”

MamGugu:”Uma ungalaleli then ngizokwazisa umawakho azokwazi kukhuluma nawe umlalele. Wena ubuzojabula kubekhona omunye umfazi ozothandana nobaba wakho umawakho ekhona ephila. Uyabona ukuthi uzohluphekisa nezingane zalowo mlisa.”

Asukume uMihla

Mihla:”Hlukana nami unezingane ezingesenababa kube unaka zona, ohhhh konje zizoba nobaba onguButana omncane nakuwe.”

Asuke uSinalo esangweni makezwa lento eshiwo uMihla kumawakhe amulandele ngokushesha uLwazi  amubambe isandla asathi uyamushaya.

Mihla:”Ungalinge usondele kimi wena phara ndini.”

MamGugu:”Mihla.”

Aphume uAmanda sekezwa umsindo abe namahloni ilento eyenziwa usesi wakhe amangale futhi. Afulathele uMihla ayophuma ngesango basale bebukana emehlweni bonke.

MamGugu:”Amanda hamba uyokwazisa abazali bakho kuncono makukhona okwenzekayo ngaye bona babe bazi. Kuzoba buhlungu kepha bazokhona ukumunqanda. Ngiyabonga ndodana ngokukhuza uSinalo intombazane ayishawa wena.”

Sinalo:”Noma ihlanya kanje?”

MamGugu:”Yebo noma ihlanya.”

Sinalo:”Mama noma idelela ikusukela.”

MamGugu:”Noma ikwenzani awumuphakamiseli isandla umuntu wesifazane.”

Sinalo:”Noma sekangidlwengula mama?”

Amoyizele uLwazi abafulathe ahambe naye ayoqhubeka ngomsebenzi wakhe uSinalo aye endlini kuyofunda. Bonke nje bamangele kuthi ungenelwe yini uMihla…….

***ISIQEPHU 46***

***CEBILE***

Namuhla abantu sebaqalile ngesakhiwo (foundation) uyedwa uCebile nalabantu kodwa uSiyabonga uyeza abheke aphinde ahambe. ULwazi ubize abambalwa ngoba ezobe angekho akafuni abazophazamisa isithandwa sakhe. Sekuzoba isikhathi sokushayisa manje azange ake adle ngoba abesaba ukuthi kuzokwenzeka iphutha. Asabhekile nje abakwenzayo akanakile ezwe izinyathelo emva kwakhe abheke uSizakele. Athule azibhekele lokhu abekubhekile ahambe aze afike kuye uSizakele eme celeni kwakhe.

Siza:"Angel."

Cebi:"Sizakele."

Siza:"Ngizokubuza into eyodwa ngicela ungiphendule."

Amubheke emehlweni uCebi naye amubheke.

Siza:"Uthandana nomuntu wami na?"

Amoyizele uCebi abheke labantu abasebenzayo

Cebi:"Umuntu wakho muphi?"

Siza:"ULwazi."

Cebi:"Mangabe umuntu wakho awubuzi ngani yena mina ungiyeke."

Siza:"Ngifuna kukuxwayisa."

Athule uCebi

Siza:"Wogawula ubheke uLwazi ungumuntu wami ngeke ngihlale ulala naye hlukana naye."

Amubheke uCebi abone ukuthi unentukuthelo emehlweni

Siza:"Ngeke ngiziphinde kaningi ngiyathemba futhi awukalali naye ngoba uma sokwenzile usuzigubhele ithuna lakho hlukana noLwazi kudala bafika bangizama kodwa baphi namuhla sihamba phezu kwabo bathwele inhlabathi ngezifuba."

Asuke ahambe uCebi asale eshawa uvalo umuntu aze amusongele kangaka azibambe isifuba abheke itshe ahlale phansi akhokhe umoya. Bebevumelene kuthi uLwazi uzomulanda mabashayisa yena ashayele uSinalo kuthi amulande. Kuthi ngehora lokushayisa eze futhi uSizakele

Siza:”Nginike ilogbook yakho.”

Cebi:”Ayikho.”

Siza:”Kumele ngigcwalise okwanamuhla.”

Cebi:”Ayikho ngishilo nje.”

Kukhale ucingo lwaCebi alubheke uLwazi ashawe uvalo aluvale

Siza:”Wena ucabanga ukuthi nginesikhathi sonke.”

Cebi:”Angazike ufuna ngiyithathephi.”

Siza:”Vula la ehhovisi ngizibhekele.”

Cebi:”Anginaso isikhiyo.”

Acasuke uSizakele asondele kuCebile ngenhlanhla kuqhamuke uSiyabonga nocingo

Siya:”Angel umnumzane uzama kukushayela awubambi mi.”

Amunike angabheki nokuthi ngathi kuyaliwa aluthathe abeke endlelebeni amehlo akhe ahlangane newaSizakele umubheke kabi athuke aluvale angakakhulumi. Aye kuSiyabonga amunike.

Siya:”Hawu ngokushesha nje.”

Angaphenduli ahambe ayogeza izandla aqonde ehhovissi aqoqe izinto zakhe akufake esikhwameni bese uyakhiya futhi. Anike uSiyabonga ukhiyo lukhala ucingo lwaCebi angaluphenduli.

Siya:”Hayibo uzowuthola kuwe njengoba awushiye kuwe.”

Cebi:”Ngicela umutshele kuthi ilogbook yami ayinike uSbusiso namuhla iyagcwala kusasa ngeke ngize.”

Siya:”Ingabe konke kukahle?”

Cebi:”Bonke abafundi bayagcina namuhla.”

Siya:”Ngezwa ngathi wena uzoqhubeka?”

Cebi:”Bengifisa kanjalo kodwa impilo yami ngiyithanda kakhulu angifuni nje ngingaze ngilahlekelwe yiyo ngilokhu ngila.”

Amushiye lapho emangele lukhale futhi ucingo lwaSiyabonga amuzwe makaphendula ukuthi uLwazi. Aphume esangweni nangu uSizakele ukhuluma ngocingo abheke emuva makezwa izinyathelo zaCebi.

Siza:”Shesha sthandwa sami namuhla ngizokukhombisa nje uphinde udlale kanje ngeke ngisakunceda.”

Athule isikhashana bese uyahleka

Siza:”Bekumele umutshele ukuthi uyazidlalela hawu sheshake ngikulindile.”

Andlule kuye eme kancane makabona imoto kaSinalo

Siza:”Ngiyakuthanda nami Khoza wami.”

Afike uSinalo agibele bahambe

Sinalo:”Hawu wazijikijela njengetshe wangabingelela kwenzekeni?”

Cebi:”Lutho.”

Sinalo:”Ngizamisa lemoto kanti ngoba unamanga kwenzenjani?”

Cebi:”ULwazi unentombi.”

Sinalo:”Enye?”

Avume uCebi

Sinalo:”Manje wena awusifuni isithembu?”

Cebi:”Fuseg Sinalo.”

Sinalo:”Ngiyabuza.”

Cebi:”Angisifuni.”

Sinalo:”Ayyyy amantombazane muyeke into uma ungayifuni shiya phansi ungalokhu ukhala la.”

Cebi:”Ngiyamuyeka vele futhi kusasa angibuyeli emsebenzini.”

Sinalo:”Umubambile yini noma uguduze ucingo lwakhe?”

Cebi:”Ngitshelwe yiyo lentombi yakhe ilo bekasayinda ama logbook wethu.”

Sinalo:”Cebile yazi nizolahlekelwa izinto eziningi empilweni ngalokuphephuka nomoya.”

Cebi:”Kanjani?”

Sinalo:”Ucabanga ukuthi uLwazi abezokushela wena azi kahle ukuthi unentombi enye noma inkosikazi khona emsebenzini?”

Cebi:”Amadoda asile vele angithi bayakwazi ukufihla mxm.”

Sinalo:”Bhekisisa kuqala ungaze ulahlekelwe okukhona ngokungekho uLwazi angimboni enjalo.”

Cebi:”Wena umazelaphike?”

Sinalo:”Uyanambuzela akufani naye.”

Cebile:”Ahhhh kuyafana mina ngiyasuka kuye nje amadoda angiwafuni.”

Sinalo:”Phela namihla bekukhona uMihla ekhaya.”

Cebi:”Abezofunani?”

Sinalo:”Anginaso isiqiniseko kodwa  ngithunywe umama kuthi ngimulande bebahlezi ngaphandle bekhuluma azange amuthuke kanje.”

Cebi:”Woooo abehleli nobani ngaphandle, athuka bani?”

Sinalo:”Abehlezi nomama ngathi kukhona bekamukhuza kuko.”

Cebi:”Manje wathuka umama wathini?”

Sinalo:”Uthe ahlukane naye anake izingane zakhe ezingenababa wase uthi ohhhh konje zizoba nobaba wazo uButana omncane nakuwe.”

Cebi:”Hayibo Sinalo.”

Sinalo:”Yebo.”

Cebi:”Asiye khabo Mihla.”

Sinalo:”Cha.”

Cebi:”Umama angathukwa kanje bese kuyathuleka uMihla uyadelela.”

Sinalo:”Asiyi lapho.”

Anqabe vele kumuhambisa mabangena egcekeni

Cebi:”Selilungisiwe isango?”

Sinalo:”Isthandwa sakho esilungisile.”

Cebi:”Kimi uthe uyodiliva amalahle nje.”

Sinalo:”Ayyyy phoyisa undlule la makabuya walikhanda abehamba ngaleloli lakhe.”

Mabehlika kungene umlayezo,kuSinalo.

“Bengicabanga ukuthi uhlukile kwabanye kanti uyafana nje, ungaphinde uze ekhaya.”

Amangale uSinalo udadewabo angamunaki ayongena endlini aqonde egunjini lamawakhe. USinalo angabe esangene aphume futhi, uCebile makavula umnyango wamakhe amufice azifundela inoveli yakhe.

Cebi:”Mama.”

MamGugu:”Ngikahle anginalutho ungakhathazeki ngiyazi sekakutshelile ubhuti wakho.”

Cebi:”Ngimangele mama bekwenzenjani?”

MamGugu:”UAmanda ukhathazekile ukuthi uthandana nendoda eshadile manje ngamubiza ngithi ngizokhuluma naye. Wangitshela ezikabhoqo kuthi ngihlukane naye.”

Cebi:”Hayibo uMihla.”

MamGugu:”Yebo sesi ngiyathemba uzoshesha ukuphaphama kulobuthongo alele kubo.”

Cebi:”Abekuphi ubabomkhulu azothi ukumuthintitha.”

Ahleke umawakhe

MamGugu:”Wena awubukeki ukahle kwenzenjani?”

Cebi:”Mama kwamele ngikutshela yonke into ngempilo yami vele?”

MamGugu:”Yingakho ngakha lobudlelwane kuthi kubelula ukuxoxa nami, so khuluma ngifuna ukwazi konke.”

Amutshele uCebi ahleke umawakhe aze anikine ikhanda.

MamGugu:”Mangabe ufuna umyeni onje ngobaba wakho lomfana unjalo umubona emehlweni kuthi unothando futhi uzokunakekela.”

Cebi:”Mama angifuni ukuphatheka kabi mina.”

MamGugu:”Ngiyazi ubusaba kabi ubuhlungu kodwa angikholwa ukuthi angenza into enjalo lomfana uyazihlonipha.”

Cebi;”Ithi ngiyogeza mama ngizophumula uphi ubabomdala?”

MamGugu:”Azange ngamubona namuhla noma usegunjini lakhe angazi, kungani nonke ningibuza yena?”

Cebi:”Mama ngiyazibuzela nje.”

Aphume makaqeda kuhaga umama wakhe aqonde egunjini  lakhe ayogeza…

***ISIQEPHU 47***

***KWANTULI***

USbongile waqhubeka waya estolo elokhu enalesithombe ekhanda lakhe, uMihla kubo bonke abantu. Makangena ufica umawakhe sekagqokile ulinde yena

MamYoli:"Nawe kunini uhambile ngifuna kuhamba mina."

Sbo:"Ngiyaxolisa mama."

MamYoli:"Uzobakahle ngempela noma ngibize umalume wakho?"

Sbo:"Cha mama ngizoba kahle ngizokhiya, lizophuma nini isonto?"

MamYoli:"Inkinga ukuthi siya kude yingakho ngikhathazekile."

Sbo:"Ngizobiza uNhloso mangisaba noma azongihlanyela kodwa ngizoba kahle."

Amuhage umawakhe aphume sekaqonde etekisini asale acabanga uSbongile, agcine sekamubhalela uSinalo umlayezo. Abone angamuphenduli uSinalo abeke ucingo lwakhe abukele umabonakude. Akazi kungani inhliziyo yakhe ibuhlungu ngalohlobo ngoba abathandani noSinalo. Abuye akhumbule kungenzeka uMihla abemushayela yena uSinalo. Ezwe kukhona okokodayo athuke ayobheka efasteleni abone imoto ashawe uvalo abuye anikine ikhanda.

Sinalo:"Koko mama."

Avule umnyango amubheke

Sbo:"Ufunani?"

Sinalo:"Ngithole umlayezo wakho."

Sbo:"Awukubizi lowo mlayezo,uzofunani la?"

Sinalo:"Angiwuzwisisi ingabe kukhona engikwenzile?"

Sbo:"Sinalo ngicela uhambe angifuni kushawa futhi."

Sinalo:"Angazi noma ngiyahlanya na kodwa angazi ngempela ukuthi kwenzenjani."

Sinalo:"Kungani ubungangitsheli kuthi uthandana noMihla?"

Azibambe okhalweni uSinalo ngesandla esisodwa amubheke

Sinalo:"Ngicela ungivulele."

Sbo:"Uzofunani hamba uye entombini yakho."

Makathi uvala umnyango afake isandla phakathi kwe butler uSinalo ashawe umnyango aziqumise abambe isandla. Aqume avule ngokushesha uSbongile amubheke isandla esishayekile.

Sbo:"Ngiyaxolisa Sinalo uyabona songenze ngikulimaze ngena uhlale phansi ngizokuthoba kungakavuvuki."

Amungenise atatazele ayobilisa amanzi akhiye ibutler abuyele kuye afike aguqe phambi kwakhe. USinalo angasakhoni nokumutshela ukuthi abezikhalisa azokwazi kumvulela abengacabangi ukuthi uzotatazela enze yonke lento  ayenzayo.  Afake indwangu emanzini ashisayo ayikhiphe ayivome kancane amuphuphuthe bese umubeka lethawula elimanzi. Aqume uSinalo ngenxa yokushisa

Sbo:"Qinisela azokusiza lamanzi ungavuvuki, ngiyaxolisa."

Sinalo:"Wena kungani ulwela ukuthi ngithandana noMihla?"

Amubheke uSbongile abuye ashalazele aqhubeke nakwenzayo asukume masekadelile ayochitha lamanzi.

Sbo:"Kunjani manje?"

Sinalo:"Kubuhlungu ngicabanga ukuya kwadokotela ngoba ngiyabhala phela kusasa manje ngizobhala kanjani ngisezinhlungwini."

Akhathazeke uSbongile

Sbo:"Ubhala ngobani isikhathi?"

Sinalo:",Ngo11."

Sbo:"Uyabhala kusasa kodwa uyazula"

Sinalo:"Mina ngimangazwe umlayezo wakho ngathi kukhona engikwenzile kanti uzongitshela ngoMihla."

Sbo:"Ngikubonile umgibelisa emotweni yakho."

Amoyizele uSinalo

Sinalo:"Angikazwisisi ukuthi kungani uthukuthela  kuwe akunankinga kuthi ngithandana nobani, noma ukuthi ngiyathandana nje."

Ashalazele uSbongile makezwa lokho

Sbo:"Angithukuthelanga."

Sinalo:"Awuthukuthelanga wenzeni?"

Sbo:”Ahhhh uqinsile angingeni ndawo mina ukuthi uthandana nobani ngoba angisiyilutho yakho.”

Amoyizele uSinalo amubheke bese ubuka umabonakude.

Sinalo:”Uphi umama?”

Sbo:”Usesontweni.”

Sinalo:”Hawu kungani angangitshelanga ngimuphelezele?”

Sbo:”Ngobani?”

Sinalo:”Angithi sekazitholele indodana la kimi ngeke ngibe nenkinga makangithuma noma angibiza.”

USbongile uzizwa amuthanda uSinalo kancane kancane kanti naye uSinalo usenayo inhlansi kodwa  uyasaba uzibona encolile kuthi angathandana nomuntu omsulwa njengoSbongile.

Sbo:”Umama uzobuya sekuhlwile kanti kumele ufunde.”

Sinalo:”Ngeke ngikhone kukushiya wedwa.”

Sbo:”Bengisele ngedwa nje.”

Sinalo:”Mangingalanda izincwadi zami ngizofundela la kungabanjani?”

Sbo:”Ayikho inkinga kodwa angikholwa ukuthi uzokhona ukufunda la ekhaya wena uyabonakala ujwayele kuzifundela ehhovisi lakini.”

Sinalo:”Hawu kahle ngizokhona ukufunda ngoba sengiqedile kushoda nje ngibuyekeze kuphela.”

Sbo:”Kulungile ungazilanda.”

Sinali:”Singahamba.”

Sbo:”Nami? Ngihlale la bekuhlezi khona uMihla cha khohlwa.”

Sinalo:”Uzohlala emuvake ngiphelezele.”

Amudonse athathe ukhiye baphume akhiye uSinalo bese baya emotweni

Sinalo:”Idrama engaka kodwa.”

Sbo:”Ngikanje uzongijwayela.”

Sinalo:”Okusho ukuthi usazoba umngani wami mawuthi ngizokujwayela.”

Athule uSbongile bahambe mabafika kubo ngaphandle kunemoto kaLwazi aphume makabona uSinalo.

Lwazi:”Ehhhh Sinalo.”

Sinalo:”Wola.”

Lwazi:”Ngicela ungibizele uCebile ucingo lwami alungeni.”

Sinalo:”Kulungile.”

Angenise imoto ayifake egaraji angene endlini athathe izincwadi zakhe, andlule egunjini lasesi wakhe amufice ahlezi embhedeni.

Sinalo:”Hamba uyokhuluma naye ngoba wena umujezisa ngento angayazi kuncono uzwe yena uthini.”

Cebi:”Cha Sinalo akaye entombini yakhe lo.”

Sinalo:”Ungakhali kusasa.”

Athule uSinalo aphume makafika emnyango ophumela ngaphandle kuvele uNathi amubuke.

Sinalo:”Ngizobuya kusihlwa isikhiyo ngisiphethe.”

Nathi:”Uyaphi?”

Sinalo:”Ngiyofuna okuthile.”

Aphume avulele uSbongile isivalo kuthi aphume emotweni.

Sbo:”Ungisaphi mina?”

Sinalo:”Angithi awufuni kugibela phambili ngeke ngihambe kabuhlungu futhi ngenxa yokungafuni kuhlala ezinqeni  zikaMihla.”

Amugaxe isikhwama sezincwadi bese baya ngale kwendlu kunezithuthuthu ezintathu agibele kwesisodwa. Eme amubheke uSbongile

Sbo:”Angikaze ngigibele isthuthuthu futhi ngiyasisaba.”

Sinalo:”Uhamba noSinalo buya ungasabi.”

Sbo:”Awwuuu ngeke asibuyele emotwenike.”

Sinalo:”Kuzoqhamuka umama manje ngoba uyasizwa lesthuthuthu kanti akasifuni.”

Eze ngokushesha agibele emva kwakhe abambelele uSinalo amudonse izandla kuthi zimubambe kakhulu.

Sinalo:”Uzokuwa phela mawungabambeleli kahle.”

Amubambe asisuse isithuthuthu uSinalo umawakhe uqale uyaphuma endlini uSinalo sekajike nekhona. Bahambe baze bafike khabo Sbongile asipake bangene endlini.

Sbo:”Yoooo isthuthuthu siyasabisa kodwa simunandi.”

Sinalo:”Uyasithanda?”

Sbo:”Mhlawumbe nginenkinga sengize ngiyazicabanga nginesami, yazini ngomholo wami wokuqala ngizothenga isithuthuthu.”

Ahleke uSinalo bahale phansi enze ukudla uSbongile badle

Sbo:”Ngiyolalake mina.”

Sinalo:”Hamba ngizokugada.”

Sbo:”Ithi ngibone ufundani?”

Akhiphe izincwadi azibheke amangale

Sbo:”Sinalo wenza imedicine?”

Sinalo:”Yebo.”

Sbo:”Wow kwaze kwajabulisa lokho, buzokufanela ubudokotela.”

Sinalo:”Ngempela?”

Sbo:”Ngempela kodwa mawungahlukana noMihla buzokufanela kakhulu.”

Angahleki uSinalo amubheke akhophozele uSbongile azizwe ukuthi akazibike manje kepha lumushaye uvalo. Uyazimangalela uSinalo ngoba akukaze kube yinkinga ukweshela kuye kepha kuSbongile kuyinkinga.

Sinalo:”Ngizomlahla mangiqeda ukubhala.”

Sbo:”Hayibo ngiyadlala.”

Athathe incwadi uSbongile ayibheke bagcine sebabonisana ngayo noSinalo athole ulwazi abengalunakile.

Sinalo:”Cha uhlakaniphile mina ngeke ngikutshele ngamazinyo kodwa nakhu wena wenza identist kodwa ungitshela ngezifundo zami.”

Sbo:”Azihlukanga kakhulu.”

Bafundisane babuye baduke ekufundeni bazithole sebaxoxa bahleke kuthi makushaya u11 ebusuku bezwe  umsindo wemoto ngaphandle.

Sbo:”Umama lowo ngiyacabanga.”

Sinalo:”Hamba uyozilalisa uvale nomnyango azobona ngathi ubukude nami ngiyamusaba umawakho.”

Sbo:”Kahle bo akukho okubi esikwenzile nje.”

Sinalo:”Noma kunjalo yena akakwazi lokho emehlweni akhe ngiwumfana nje.”

Sbo:”Kulungile uhambe kahle, kusasa ubhale kahle futhi.”

Sinalo:”Ngiyabonga.”

Afise kumuhaga kodwa azibambe asukume ayongena engubeni ngokushesha, kukhale ukhiyo emnyango azivulele umama Sbongile athuke makazithela kuSinalo aswace amubheke.

Sinalo:”Sawubona ma.”

MamYoli:”Waba lana ebsuku?”

Sinalo:”Ngiyaxolisa ma be ahm uSbongile abesaba ngase ngiyahlala.”

MamYoli:”Ukubizile?”

Sinalo:”Cha bengindlula la ngangena ngithi ngizonibingelela ngathola kanjalo kuthi uyasaba uyedwa.”

Abheke lezincwadi ezigcwele etafuleni

Sinalo:”Ngiyabhala kusasa bengifunda.”

MamYoli:”Ohhhhhh.”

Amuxwaye umamYoliswa kepha azibambe angakhulumi

MamYoli:”Uphi yena?”

Sinalo:”Ulele.”

Aqoqe izincwadi zakhe uSinalo azifake esikhwameni elokhu emubhekile asigaxe isikhwama athathe isigqoko sesithuthuthi esiphansi kwetafula asifake ekhwapheni.

Sinalo:”Nisale kahle ma.”

MamYoli:”Uhambe kahle ngiyabonga kungibhekela yena.”

Aphume athathe isithuthuthu sakhe siphume uSbongile makezwa siduma size sidumele kude kuvuleke umnyango angene umawakhe azomubheka.

MamYoli:”Sbongile.”

Azithulele angaphenduli amuyeke naye umamYoliswa abone ukuthi ilele indodakazi yakhe, naye azilungise ayolala.

Ekuseni avuke kuqala uSbongile alungise kungene umlayezo ocingweni lwakhe.

Sinalo:*Ngiyabonga kakhulu ngiyafisa kukubona futhi maduzane, ube nosuku olumnandi.*

Ajabule yedwa uSbongile abuye aswabe makakhumbula ukuthi isoka likaMihla leli yize aba nomona kancane, amuphendule…

Sbo:*Ungazise mawuya kocula futhi ngizokuphelezela, ubhale kahle.*

***ISIQEPHU 48***

***LWAZI***

ULwazi umoya wakhe uphansi kudala azama kuxhumana nesithandwa sakhe kodwa asiphenduli izingcingo zakhe. Manje sekazitshela ukuthi uzokhuluma naye emsebenzini, uyazilungisa nje ucabanga kude. Uyazibuza ukuthi kwenzenjani. Athathe ucingo lwakhe amushayele futhi angalubambi, ahambe aye endlini kuyodla. Ukude nomcabango abazali bakhe bamubukile kungene umlayezo alufunde.

Cebi:"Ungaphinde ungishayele inombolo yakho sengihibhlokhile angizwani namadoda ayizigebengu anganeliseki.*

Adideke uLwazi kuthi kwenzakalani aphinde amushayele manje lungasakhali luzithulele nje, abone ukuthi umubhlokhile ngempela. Asukume

MaKhoza:"Hayibo awuqedanga ukudla."

Khoza:"Akakuthintanga nhlobo nje."

MaKhoza:"Ukahle ndodana?"

Lwazi:"Ngikahle ma izinto zomsebenzi nje, ngiyabonga ukudla ngizonibona ntambama."

Aphume basale babukana bodwa abazali bakhe aqonde kwiJeep yakhe ayisuse, afise ukuqala khabo Cebile kuthi bahambisane ukuya emsebenzini azomutshela ukuthi umone ngani kepha azikhuze. Afike emsebenzini izisebenzi seziqalile ayobheka ngoba izolo abengekho aneliseke uCebile akekho azitshele ukuthi uyeza ahambe aye ehhovisi.

Makangena uSizakele uhlezi uphambanise milenze ugqoke ilokwe elibomvu kuvele amathanga. Abambeke uLwazi makabona lesimo amubheke akhuphuke naye esifubeni akafasanga wonke amakinobho welokwe ushiye amabili kuthi kubonakale umsele wamabele. Muhle uSizakele ukuthi bahlala bagqoke ama overall namabhutsi emsebenzini lobuhle abugqami ngalohlobo.

USizakele makabona lokuthatheka kwaLwazi amoyizele umlomo uwupende wababomvu isimanga.

Siza:"Mnumzane."

Asukume asondele kuye amubuke okhalweni indlela elimhlezi ngalo lelokwe limukhiphe indlela eme ngayo. Limubambile kuze kukaleke nesitho sakhe agwinye amathe uLwazi avule umnyango ngokushesha aphume. Asale emoyizela yedwa uSizakele, makaphuma uLwazi uzithela kuSiyabonga abeze ehhovisi.

Siya:”Ukahle?”

Lwazi:”Ngikahle.”

Siya:”Kukhona engikufunayo la ehhovisi.”

Lwazi:”Ngena awungitshele uAngel abenjani izolo yazi uthukuthele angazi ngobani uze ubhlokhe inombolo yami.”

Siya:”Ngimubonile nami masekushayiswa ukuthi akekho mnandi.”

Lwazi:”Ngizoya kuyombheka, asingene.”

Makuvuleka umnyango uSizakele uwufulathele ugobile kukhona akubhalayo okuthile, babukane uLwazi azikhwezele amahlombe.

Siya:”Nakhu engikudingayo ngizokubuyisa masesishayisa.”

Athuke uSizakele makezwa iphimbo likaSiya

Lwazi:”Namuhla ngicela ushayise mveni ndoda sizolungisa iholo lalabantu, nabafundi ngifuna kubakhokhela okuncane phela basizile kakhulu nje.”

Siya:”Kunganjani silungise kusasa ngoba.”

Siza:”Mina anginayo inkinga ngizosala nawe uma nje masiqeda uzongimukisa ekhaya.”

Avume ngekhanda uLwazi aphume uSizakele ajike naye uSiyabonga aze azibambe

Siya:”Waze wajabula ndoda yazi liyazineka kuwe.”

Lwazi:”Ahhhh lona ufuna kungibhedisa nje.”

Luqhubeke usuku uLwazi elokhu ezama uCebile aze ayothatha ucingo lwaSiyabonga amushayele ngalo. Uthe angaluphendula wajabula uLwazi kepha makezwa ukuthi nguye waluvala.

Siya:”Inkulu indaba la mhlawumbe kukhona akushilo kuye uSiza.”

Lwazi:”Ungaqinisa yazi.”

Siya:”Namuhla kukhonala engiyoqala khona ngeke ngikhone kuyogeza ekhaya ngicela ungiboleke amakha wakho ngiyazi ahlala ehhovisi.”

Lwazi:”Manje ufuna kugeza ngeperfume ndoda?”

Bahleke kushaye isikhathi sokushayisa abantu bahambe kancane kancane, uSiyabonga ahambe naye ayozifafaza ngeperfume. Makaqeda aye kuLwazi amuthole abuka lezindlu asebeziqalile futhi amulandele.

Siya:”Yazi ngibona kuncono uye kuye ngoba aweneme usuku lonke.”

Lwazi:”Ngathi useyingane kunzima kuphi ukuchaza into emuthukuthelisile ayyy.”

Siya:”Nami ngiyabona, iya kubo umuthuse ukuthi makangaphumi uzongena.”

Lwazi:”Uyabheda ndoda angikwazi mina kusebenzisa inkani.”

Siya:”Angel unenkani akudingi nokuthi achaze uyabonakala.”

Lwazi:”Angithi kumele ngiyolungisa amapayment.”

Siya:”Awukho kahle hamba ngizosala ngiwalungisa mina noSizakele, ugqoke kanjani nje namuhla ngoba abantu abakhoni nokusebenza babukana naye.”

Lwazi:”Usangene lomntwana womile namanje sekahle usehhovisi.”

Siya:”Ithi ngihambeke.”

Bahambe uSiza ababone basondela ngasehhovisi bazondlula ehhovisi abone ukuthi uLwazi uphelezela uSiyabonga. Bahambe angene emotweni uLwazi ayisuse uSiyabonga ajike. Athathe ucingo lomsebenzi uLwazi

Lwazi:”Ngiyathemba awunayo lenombolo.”

Ashayele aze afike ngakubo amushayele nayo ingangeni abheke isikhathi azidele uLwazi.

Ehlike emotweni aqonde esangweni uvalo uyamushaya kodwa uyangena ngoba uyazi akakafiki ubhuti  wakhe abemukhohlisa. Ashaye ibheli alinde kancane

“Ohhh usbali kamina zwakala.”

USinalo ophendulile kuvuleke isango angene ngokusaba nomnyango uvuleke angakafiki.

Sinalo:”Ngena mfo.”

Angangeni eme emnyango aze avele uSinalo

Sinalo:”Ungangena.”

Lwazi:”Cha bangaze bangiphinde uphi usesi wakho?”

Sinalo:”Ukhona lomuntu unenye inkani ngeke eze ngena akunamuntu sisodwa.”

Lwazi:”Hayibo masekumele ngiphume?”

Sinalo:”Ngizokukhipha mina.”

Angabaze

Sinalo:”Upake kuphi ngoba angiyiboni imoto?”

Lwazi:”Ngale ngasesitolo.”

Sinalo:”Zwakala ungesabi.”

Angabaze kodwa makacabanga ukuthi ufuna ukwazi inkinga ikuphi angene, lumuthi heqe uvalo alandele uSinalo afike komunye umnyango akokode.

Cebi:”Sinalo khawula kungibhora ngilele.”

Sinalo:”Ubabomkhulu uthi vula lomnyango ungazomcasula.”

Asho njalo asuke uSinalo kukhale isikhiyo ngokushesha uvuleke umnyango amangale makabona uLwazi. Babhekane azame kuwuvala umnyango awubambe ngokushesha angene phakathi akhiye.

Cebi:”Usuyahlanya kodwa ufunani?”

Lwazi:”Awuphenduli izingcingo zami uze ungibhlokhile, namuhla awuzanga nasemsebenzini kwenzenjani?”

Cebi:”Angizwani nokwenziwa isilima mina Lwazi ngakutshela.”

Lwazi:”Isilima sani khawula kuzenza ingane khuluma ngikuzwe ngeke ngilokhu ngikulandela hawu.”

Cebi:”Angithi uthandana noSiza ufunani kimi.”

Lwazi:”Ngijutshele kawungakhi ukuthi angithandani naye?”

Cebi:”Izolo uSiza ungitshele emehlweni ukuthi ungumuntu wakhe wena uzongiyeka mawuqeda kulala nami njengalaba abanye.”

Anikine ikhanda uLwazi ayoma ngasefasteleni

Lwazi:”Yazi Angel ngiyabona ngathi awukafuni ukukhula mina ngifuna umuntu okwaziyo ukusebenzisa ingqondo yakhe obonisayo ukuthi ukhulile. Mangabe ucabanga ukuthi ngingakwenza lokho ngeke ngime la ngilokhu ngizama ukukwenza ungikholwe kuthi angithandani naye ngeke kulunge. Akukho ozokhona kukubamba ngezandla zakho makuzofika umuntu onomona akukhohlise nawe uthatheke lula kanjalo. Wenze kahle wangibhlokha ngoba vele ngeke sizwane.”

Cebi:”Manje uyangilahla?”

Lwazi:”Ngikulahla ini ngoba nguwena ongilahlile ungakezwa ukuthi mina ngikuphendula ngithini. Yazi ngikhathazekile kusukela izolo ngicabanga ukuthi kukhona okukuvelele kanti umsangano onje.”

Afulathele uLwazi aqonde emnyango makawuvula athuke ezwe iphimbo likamama waCebile avale umnyango ngokushesha, naye uCebi athuke asukume eze emnyango.

Lwazi:”USinalo uthe ngimutshele masengifuna ukuphuma mutshele angenzele indlela.”

Aphume uCebile angamutholi uSinalo abuyele egunjini lakhe akhiye

Cebi:”Sebaphelele kuzomele ulinde kancane.”

Lwazi:”Kulungile.”

Ahlale phezu kombhede adlale ngocingo lwakhe uCebile eme nje angazi athini, agcine sekayohlala embhedeni naye.

Cebi:”Ngiyaxolisa Lwazi yazi kuyathusa umuntu makakutshela.”

Lwazi:”Mana Cebi akukho la esizoya khona thina uma ungangithembi, akukho mnandi kuthandana nomuntu ongakuthembi.”

Athule uCebi athathe ucingo lwakhe aluchofoze

Cebi:”Sengiyikhulule inombolo yakho.”

Lwazi:”Kuzokwenzani lokho ngoba sihlukene.”

Abheke phansi uCebi afikelwe ukutetema kwakhe kepha azibambe makabona isikhathi siqhubeka uLwazi angamubuki nakancane agcine sekakhala. Amubheke uLwazi anikine ikhanda

Lwazi:”Yini manje?”

Cebi:”Uthi sihlukane singakathandani ukuyaphi.”

Amoyizele uLwazi

Lwazi:”Kanti ufunani?”

Cebi:”Ngifuna wena.”

Amubheke uLwazi sekahehwa ilamazwi kaCebile

Lwazi:”Uyahlanya kodwa ungifuna njani?”

Ahleke uCebi

Cebi:”Noma ngihlanya ngiyakufuna.”

Lwazi:”Ubani olahle omunye kuqala?”

Cebi:”Inhliziyo yami ibe buhlungu Lwazi ngempela.”

Alule isandla uLwazi amuwolele kuye

Lwazi:”Ukube angizanga nje la ngabe sihlukene uzitshela ukuthi ngijola noSizakele.”

Cebi:”Singakhulumi ngaye ngiyacela.”

Lwazi:”Nkosazana mina ngidaleke ngenye indlela mangithanda ngithanda isicefe kodwa ngihlulwa ukuncenga mangazi ukuthi angenzangs lutho.”

Avume ngekhanda uCebi sekalalele ubumnandi bokubanjwa isoka lakhe nephunga lakhe elimnandi.

Cebi:”Ngiyaxolisa Mkhathini.”

Lwazi:”Ngiyakuxolela nkosazana yami.”

Amuwolele kakhulu bahlale kanjalo embhedeni babheke ngasefasteleni imizwa seyimuqala uLwazi amuyeke.

Lwazi:”Kumele ngihambe sthandwa sami.”

Cebi:”Ithi ngiyobheka.”

Aphume umndeni wonke uyaphithiza nje uNkosnathi uhlezi ngaphandle yena ezitulweni ngasengadini beno babMongezi. Ajike ahlangane noSinalo

Sinalo:”Akafase iphondo ayikho enye indlela mtshele anginike ukhiyo wemoto yakhe ngiyomupakela yona lapha khabo Lwethu.”

Abuyele egunjini lakhe amutshele amunike asale akhumula izicathulo amubuke uCebile.

Cebi:”Ulambile?”

Lwazi:”Kakhulu angikhonanga nokudla ekuseni.”

Aphume akhiye umnyango ayomuphakela abuye nokudla amubuke umawakhe

MamGugu:”Sodlela ekamereni wena?”

Cebile:”Ahm mama angifuni ukuhlala ngapha.”

Athule umawakhe amubuke amangale makavula ngesikhiyo kuthi sekayakhiya kusukela nini. Angene amunike ukudla adle uLwazi akuqede.

Cebi:”Ubulambile?”

Lwazi:”Kakhulu.”

Cebi:”Angisakhululekanga umama makangakubona uzongilwisa.”

Lwazi:”Akubukeki vele kuhlala nesoka lakho kini nami ngingalwa.”

Cebi:”Amehlo wakho abomvu.”

Lwazi:”Angilalanga kahle angithi bengilahliwe.”

Bahleke asukume uCebi avale amakhethenisi kube mnyama ayongena engubeni.

Lwazi:”Ngingalala nami?”

Cebi:”Buya nami angilelanga kahle.”

Angene engubeni ukufuthumala kwaCebile kumuhlule azithole sekamusondeza kuye amuqabule entanyeni kancane abuye amuyeke balale…..

***ISIQEPHU 49***

***SIYA***

USiyabonga abuyele emuva uLwazi makaqeda kuduka ngemoto ashayele nalomuntu bekayoblangana naye kuthi ucela babonane kusasa. Angene ehhovisi uSizakele ugobile futhi njengasemini isinqe sonke usisunduzele kuthi sibonakale kuze kubonakala nokuthi ugqoke uG string. Anikine ikhanda uSiyabonga makathi uyakhuluma.

Siza:"Ungenzi ngathi awungifuni uzifuna phakathi kimi ngiyazi nakhu uze wavuselela amakha wakho kabusha."

Amubheke futhi USiyabonga imizwa ithatheke kepha uyazi konke lokhu ukwenzela uLwazi azibambe isitho sakhe. Usamufulathele uSizakele avale umnyango uSiyabonga asondele amubambe esinqeni asiphulule esisodwa. Amubambe ngazo zombili bese uyazisondeza kuthi ezwe uvukelwe.

Siza:"Yes kudala ungifuna ngiyazi."

Amubambe amuqinise uSiyabonga manje sekayafenda uSizakele izinqe zigcwele isitho sakhe. Azikhumule ngokushesha makathi uyaphenduka amubambe kuthi angamuboni ungubani. Ehlise ibhlukwe livimbeke emabhutsini abone ukuthi ukukhumula lamabhutsi kuzomubambisa. Amuqabule entanyeni kakhulu uSizakele ayilule aze aqamele ngesiphundu ehlombe laSiya.

USiya amufake isandla phansi kwelokwe abambe lephenti alehlise lingehli kalula aze akhuphule ilokwe alibeke phezu kokhalo. Izinqe zonke zibe ngaphandle aqume uSiyabonga amehlise iphenti ngokushesha usamubambile ngesinye isandla kuthi angaphenduki. Sekuqala ukuba mnyama akubonakali kahle manje. Ngenhlanhla kuhlala kunebhokosi lamacondom abasebenzi bayazithathela.

Alule isandla ayithathe uSizakele yena ujabulele ukuthi aze amuthole lomuntu ahlala amufuna. Ayizwe icondom noma ayiqhaqha amukise isandla sakhe emuva kuthi abambe isitho sakhe. Makasibamba nje sigcwale esandleni sakhe aqume azifake icondom uSiyabonga bese ufaka isandla  phakathi kwamathanga aSizakele amudlalise kancane kwipunani yakhe.

Siya:"Ohhhhhhhh."

Iphimbo selishintshile lishintshwe imizwa liyahothoza amuhlukanise imilenze amugobise kakhulu abambele ngetafula. Azibambe uSiyabonga abeke isitho sakhe kuSizakele amungene. Baqume bobabili bakhaliswa ubumnandi benkanuko yabo, aqale amufende uSiyabonga. Ulokhu umuhlukanisa izinqe ngoba zigcwele nje esithweni sakhe naye akasiboni isitho sakhe uyasizwa nje kuthi siyaneliseka.

Siza:"Ahmmmmmm Lwazi go deeper baby."

Aqhubeke uSiyabonga ngokumufenda ngemuva noma afuna ukumphendula kodwa akafuni amubone. Amufende  kakhulu aze amudlalise iclit elokhu ephakathi kuye ahlanye uSizakele makezwa imizwa angayazi.

Siya:"Ohhhhhhhhhh yes."

Makaqeda ukuchama uSizakele alahle umzimba uSiyabonga athalaze abone sekumnyama ukukhanya kungena kancane amuphendule amubeke ekucupheni kwetafula abuye amungene futhi. Aqume uSizakele yize babhekene kepha uSiya wenza isiqiniseko sokuthi ubuso bakhe busehlombe laSizakele akamuboni.

Amufende aphinde amubhanse izinqe lezi, afende futhi noSizakele akazibekile phansi ukuzikhalisa. Afende kakhulu uSiya akasakhoni ukuzibamba

Siya:"Ohhhhhhhh Sizakele."

Siza:"Mmmmmmmmm."

Siya:"Ohhhhh damn Siza."

Amufende asheshe aze adedele isidoda sakhe asilinde siphume sonke bese uyaphuma kuye akhiphe icondom azisule ngethishu agqoke noSizakele uyazilungisa ngapha akekho okhulumayo.

Siya:"Khanyisa sizoqala."

Athuswe iphimbo uSizakele akhanyise ngempela akusuye uLwazi athuke.

Siza:"Siyabonga."

Siya:"Hlala phansi sizoqeda."

Siza:"Ulaleleni nami?"

Siya:"Ubungigolomba angithi ngase ngiyazinelisa nami."

Aphelelwe amandla uSizakele ashawe nawuvalo uSiya azibhekele lokhu akwenzayo.

Siya:"Yazi ngendlela onginike ngayo namanje ngiyavukelwa njengoba umile buka."

Asukume azibambe ngaphambili amubonise aswabe uSizakele…..

***KWANKOSI***

Ngesikhathi sokudla bayadla

BabMongezi:"Uphi uCebile?"

Sinalo:"Ulele baba ngithe ngizomulethela ukudla kwakhe akekho kahle."

Nathi:"Unani?"

Sinalo:"Period pains."

Nathi:"Mxm."

Sinalo:"Ubuzile angithi bhuti."

Bazithulele badle

Nathi:"Umama yena uphi?"

Amanda:"Ukhuluma ngocingo noanti Deliwe mayelana nokuya eNdabezitha."

Nathi:"Uya khona?"

Amanda:"Inkosi yakhona imubizile ngoMgqibelo."

BabMongezi:"Ubaba umbophosile ngiyacabanga."

Badle uNathi ahambe ayobheka umawakhe amufice asakhuluma ocingweni abuyele emuva. Badle baqede uLwazi ulele vithi uzumekile uCebile ulokhu uyamubuka naye agcine ezumeka futhi. Kuthi phakathi nobusuku aphaphame uLwazi akhumbule ukuthi usemzini wabantu. Avuke ibhlukwe lakhe selishwabene into angayazi azilungise agqoke izicathulo abheke isthandwa sakhe. Athathe bokhiyo avule umnyango kancane aphume masekaqondene nomnyango kuthi awuvule abone kuthi kukhona ongaphandle owuvulayo abaleke acashe ngobonda oluhlukanisa ikhishi nedinning room kepha uyabona ephasijini.

Uvuleke umnyango kungene owesilisa amubhekisise amulinde ahambe ayophelela kwelinye igumbi. Makezwa kuthuleka futhi azivulele isango bese uyaphuma ngokushesha agijime ayophuma ngesango aqonde kulomuzi apakelwe imoto khona. Ayithathe ahambe aye kubo….

UmamGugu ulele angene umyeni wakhe amubheke ahlale phezu kombhede elokhu emuphlulula ebusweni. Aze aphaphame amangale kuthi akangenanga engubeni azame kuhlala ngezinqe.

BabMondli:"Lala gugulami ungavuki."

MamGugu:”Namuhla awulali?”

BabMondli:”Angifuni bakuhlole le bezwe umoya wami kuwe.”

MamGugu:”Usho eNdabezitha?”

BabMondli:”Yebo.”

MamGugu:”Kusasele izinsuku ezintathu nje kuthi ngiye khona.”

BabMondli:”Lomfana ogade ubukhosi unamandla.”

MamGugu:”Myeni wami kwenzakalani ngawe kanti?”

BabMondli:”Nguwena ubungivimba ngezinyembezi zakho, nangokungilangazelela kakhulu.”

MamGugu:”Ngiyakuhlupha neh?”

Adonse umoya

MamGugu:”Ngiyaxolisa myeni wami.”

BabMondli:”Ingabe lokho kusho ukuthi uzongidedela ngihambe?”

MamGugu:”Ngiyafuna uphumule ngokuthula kodwa ngenze njani.”

BabMondli:”Vuma ukungenwa kanjalo ngizogcina kuza la masonomyeni.”

MamGugu:”Lokho ngekeke ngikuvume wena ungalisho ligcwale umlomo kuthi ngishade noButana umazi ubhuti wakho kuthi akazithandi kwayena, khona izingane zami zizothini. Ezinsukwini nje ushawe ubhuti ngoba usuke wangibamba ibele phambi kwabantwana.”

BabMondli:”Ngenzenjani gugulami yazi angikaze ngilahleke ngalohlobo.”

MamGugu:”Wena ngitshele into eyodwa usufuna ukuphumula?”

BabMondli:”Lento engiyenzayo le eyenzekayo ayikho kahle angisekho kulomhlaba mina. Wena uyaphila mina angisaphili.”

MamGugu:”Manje mawuhamba ngeke usangibona?”

BabMondli:”Ngidedele ngihambe nkosikazi yami ngikhulule.”

MamGugu:”Ngicela ube nami okokugcinake ngiyacela.”

BabMondli:”Ohhhh gugulami kodwa.”

Ahlale ngezinqe umamGugu amuphulule esilevini

BabMondli:”Ucabanga ukuthi uzokhona kungagani futhi?”

MamGugu:”Akekho oyoke athathe indawo yakho kimina.”

BabMondli:”Ngiyakuthanda gugulami yazi ngakuthanda ngiqala ukukubona ngazama ukuzibamba kodwa kwaba nzima.”

Ehle embhedeni umamGugu azohlala phezu komyeni wakhe abhekane naye kodwa akamuboni.

BabMondli:”Ohhhh mama kaSinalo.”

Amubambe naye amuhage abeke aqamele emabeleni wakhe afikelwe nawusizi zehle vele izinyembezi. Mayelokhu ekhala uyamuphulula emhlane abuye amusondeze kuye kakhulu.

MamGugu:”Njengoba ukhala ngiyasizwisisa isimo sakho ngizokuyeka uhambe kodwa ngicela ungivumele ngikubheke ebusweni.”

BabMondli:”Cha yenza imizwa le kube yiyona oyigcina ngaphakathi kuwe, konke ukuphefumula okuphefumulayo yazi ukuthi ngiduze nawe futhi angiyi ndayo.”

MamGugu:”Kimi kuqala phansi ubuhlungu  ngathi ngiqeda kuthola ukuthi awusekho kulomhlaba.”

BabMondli:”Izinto zomhlaba gugulami futhi zidaliwe angazi noma sisazohlangana ngale kwethuna na.”

MamGugu:”Ungumuntu engizomufuna mzukwana ukufa kungivakashela.”

BabMondli:”Sthandwa sempilo yami, umama wezingane zami gugulami.”

MamGugu:”Myeni wami uyohlezi ungowami njalo.”

Amubambe amabele awapotoze bese umukhumula lempahla yokulala ayigqokile amuncele ibele elilodwa. UmamGugu amubambe ekhanda alalele lokuncelwa amuyeke baqabulane ubabMondli uyakhala, nenkosikazi yakhe igcine seyikhala kepha bayaqhubeka ngokuqabulana.

BabMondli:”Ngiyakuthanda.”

Angamuphenduli baqabulane asukume naye kuthi amubeke embhedeni azikhumule ubabMondli. Abuye kwinkosikazi yakhe belokhu bekhala ngapha benelisa imizwa yabo baqede balale. UbabMondli amulalise phezu kwakhe amubambe amuqinise, aze azumeke umamGugu. Kube nzima kuthi ahambe ubabMondli amuphulule emhlane agcine sekaphaphama futhi umamGugu. Amangale usasephezu komyeni wakhe angamboni. Uyamuphulula ngathi kudala emufisa naye angabuzi lutho aqhubeke baqabulane.

Baginqane baze banelisane okwesibili

BabMondli:”Manje mawulala ngizohamba, ngeke uphinde  ungibone gugulami noma ungizwe ngiduze nawe.”

MamGugu:”Ngiyabonga ngokuthi ungangishiyi ngizumekile bengizokhala.”

BabMondli:”Ungakhohlwa ngifuna wenze okuzokujabulisa ukuze ukhohlwe yimina.”

MamGugu:”Yikuphi okungangijabulisa kulempilo kodwa?”

BabMondli:”Kungani ungaphumi uye kuholide mawubuya uqale uthunge uyakhumbula wawukuthanda njani ukuthunga.”

MamGugu:”Ngizoba yini ukuya kuholide ngingedwa.”

BabMondli:”Hamba noCebile ushiye labafana.”

Athule umamGugu

MamGugu:”Ithi ngiye ebukhosini ngizwe bathini bese ngiyahamba, kodwa ngizwa egazini nje ukuthi bafuna ukuphoqa lento yokungenwa.”

BabMondli:”Yenza okufisayo mina ngeke ngikubeke icala.”

MamGugu:”Musa ukudlala ngami uphisana ngami phela mawusho njalo.”

BabMondli:”Inhliziyo yami ibuhlungu kodwa akukho engingakwenza.”

MamGugu:”Uzongixolela umndeni wakho ngamane bangihlawulise ngeke ngivume kungenwa uButana.”

BabMondli:”Izingane sezikhulile asikho isidingo sokungenwa kodwa bangakuhlula ngamazwi.”

MamGugu:”Ngizobona khona okwamanje ngicela ukujabula nomyeni wami.”

Balale kanjalo ubabMondli amulalise eceleni amubambe balale, masekadelile ukuthi uzumekile manje umkakhe asuke embhedeni kancane. Agqoke amumbese kahle aphume ngomnyango wakhe okubonda uyakhala ngoba uyazi akasabuyi la akasayifuni lento ayenzayo manje…….

***ISIQEPHU 50***

***DANISILE***

UNsizwa avuke azilungise inkosikazi yakhe seyivukile imenzela ukudla, aqhamuke azilungisa naye baqabulane.

Nsizwa:"Ngikutshelile ungakhathazeki ngizobona ngidlani ehhovisi."

Dani:"Ngeke ngivume umyeni wami ahambe engadlanga."

Adle makaqeda avalelise ahambe asale elungisa naye akwenzayo, ezwe kukhala ucingo. Alubheke inombolo engenagama locingo elomyeni wakhe abheke olwakhe abone ukuthi uthathe ucingo lwakhe ngephutha ngoba ayafana. Aluyeke lukhale ahambe ayogeza aze aqede abuye azodla. Amangale lusakhala ucingo aluphakamise asalubeka nje endlebeni.

"Ngiyazi uthe ngingaphinde ngikushayele kodwa manje ngiyakudinga angikwazi ukwenza lokhu ngedwa ngoba wena usulungisile nenkosikazi yakho."

Athule uDanisile alubheke futhi ucingo

"Ubhlokhe inombolo yami uma unganginaki akukho engingakwenza kepha ukuthi."

Amungene emlonyeni

Dani:"Ungubani wena?"

Aluvale ucingo noma sekamushayela futhi angasaluphenduli athathe isikhwama uDansile aqonde esitolo sakwaKhumalo. Makafika angalindi avele aqonde ehhovisi angene amufice ematasa ngamaphepha amangale naye ngoba akezi la unkosikazi wakhe.

Nsizwa:"Mamakhe"

Dani:"Uthathe ucingo lwami washiya olwakho."

Alubheke phezu kwetafula ngempela akusilo elwakhe abengakalubheki futhi bashintshane bese uyafulathela uDansile.

Nsizwa:"Mamakhe ukahle?"

Dani:"Nsizwa kunentombazane ekushayele ibilokhu iphikelele ngagcina sengiluphendula."

Nsizwa:"Ithini?"

Dani:”Lalela mina angisenawo umdlandla wokunqakana nezintombi zakho mangingahamba manje ngeke ngibuye.”

Asondele kuye uNsizwa azame ukumuhaga aphakamise izandla kuthi angamuthinti ahlehlele emuva aphume…..

***NSIZWA***

UNsizwa asale abheka ucingo lwakhe naye akayazi lenombolo ayishayele ingabanjwa ifone. Ashayele uMihla alubambe

Mihla:”Masekuthanda wena uyangishayela.”

Nsizwa:” Nguwena walenombolo engingayazi?”

Mihla:”Inombolo yami ayingeni angithi ufuna ngenzenjani.”

Nsizwa:”Ukuphi?”

Mihla:”Ngisemall.”

Nsizwa:”Ngiyeza.”

Aluvale uNsizwa aphume aqonde emotweni yakhe ayisuse aye emall amushayele futhi kuthi upake kuphi. Angalindi isikhathi eside aqhamuke angene emotweni

Nsizwa:”Inombolo yakho mayibhlokhiwe awazi ukuthi kusho ukuthini lokho?”

Mihla:”Nsizwa.”

Nsizwa:”Angisakufuni Mihla ngilungisile nomkami  ngakutshela ukuthi kumele umuhloniphe wahluleka manje ufunani kimi?”

Mihla:”Ngikushayele ngoba ngifuna.”

Amungene emlonyeni

Nsizwa:”Angifune kuzwa lutho kuphelile phuma la emotweni yami.”

Mihla:”Awukwazi kungenza njalo.”

Nsizwa:”Phuma ungaphinde ungishayele.”

Asamangele uMihla aphume uNsizwa emotweni ayovula ngale kuye amukhiphe amudonse kabhlungu nje. Amuwisele phansi abantu babukele bese ubuyela emotweni yakhe uyayisusa. Uthukuthele ngoba abebona ukuthi inkosikazi yakhe imuxolele ngokweqiniso uthando lwabo luvuselelekile futhi. Aqonde kwakhe amufice ahlezi kusofa abukele umabonakude uyabonakala nje kuthi abekhala.

Nsizwa:"Mamakhe akukho ebengikwenza lentombazane ngaganga nayo kudala ngamutshela ukuthi ngilungisa nenkosikazi yami manje ngiyakuthembisa."

Dani:"Ok."

Nsizwa:"Ingabe lokho kusho ukuthi uyangikholwa?"

Dani:"Angazi."

Asukume amushiye lapho ayolala egunjini labo, isonto lonke uyahluleka kuhleka uDansile uyahluleka nokuthi avume umyeni wakhe amuthinte. Makafika egunjini lakhe acabange azibuze ukuthi ingabe uthathe isinqumo esikahle na ngokubuya emzini wakhe. Nabu ubukhazikhazi obuthandwa abantu abumujabulisi ngalutho. Angene uNsizwa ahlale phezu kombhede

Nsizwa:"Mamakhe."

Athule uDanisile angaphenduli

Nsizwa:"Ngiyafunga ngishanelile konke okubi nokungathembeki seloku ubuyile akukho esengikwenzile. Singamushayela lontombazane ngikhulume naye angazi ukuthi alalele uzosho yena."

Dani:"Angifuni kuzwa nephimbo lakhe mina ngizokwazi ngani mhlawumbe ukhulume naye kwakudala kuthi aphendule athini."

Nsizwa:"Hawu mamakhe usungangicabangela into enjalo?"

Dani:"Ungimoshile Nsizwa kakhulu."

Athule uNsizwa akhumule izicathulo agibele phezu kombhede abambe inkosikazi yakhe balale lapho. Bagcine sebazumeka bobabili amahora amabili nje kukhale ucingo lwaNsizwa….

## ***MIHLA***

UMihla uyibukile imoto kaNsizwa iyosithela wafikelwa nayizinyembezi kwasondela umfana oyedwa athi uyamusiza. Amunike isandla kuthi amusukumise kuqala, ngempela asukume uMihla amucoshele isikhwama sakhe lomfana.

Mihla:"Ngiyabonga."

"Ngingakuphelezela uyogibela emotweni yakho sister."

Mihla:"Ungakhathazeki ngizobakahle."

“Abantu bakubhekile ngicela kukuphelezela.”

Mihla:”Ngiyogibela itekisi.”

“Inkinga ayikho.”

Bahambe nomfana usaba nokuphakamisa amehlo abuke abantu uMihla lomfana amubuke.

“Sisi umoya wakho awuhlalisekanga aweneme neze iNkosi ithi angikutshele ukuthi bheka impilo yakho unakekele nabazali bakho ngoba nguwena osele nabo ekhaya. Uthi uSomandla ungazikolosheli wena ikusasa lakho ngoba yena sekaqoka okuzokwenzeka ngempilo yakho. Uthi dedela okungasikho okwakho ngoba uvimba okungokwakho kuthi kusondele.”

Mihla:”Ngiyabonga kuthi uyangiphelezela kodwa le osoyikhuluma manje angiyizwa futhi angikholwa kuthi ngizoyizwa awazi lutho ngami.”

“Mina angazi lutho vele kepha uSomandla uyazi unenhlanhla wena ukuthumelela isixwayiso. Yekela okungesikho okwakho uzinake wena ikusasa lakho seliqokiwe lalotshwa musa ukuphazamisa uhlelo lwaSomandla.”

Acasuke uMihla amuhlwithe isikhwama sakhe aphangise asheshe nalomlisa

“Uyazi mina ngijabulela kuthi sengiwundlulisile umlayezo kukuwe ukuthi wenza njani.”

Angabe esamuphendula uMihla azithulele aqhubeke ngokushesha ayongena etekisini afike ahlale. Itekisi maseyisuka abheke emgwaqeni amubone lomfana usamile amuphakamisele isandla angamuphenduli uMihla. Ihambe itekisi aze afike la kumele ehlike khona. Uhamba uyashesha la emgwaqeni inhliziyo yakhe iyabila makandlula ngasesitolo ahlangane noSbongile. Amubuke uSbongile bese ubheka phambili, abe nakho ukumkhumbula umngani wakhe. Manje uphatheke kabi uyafisa ngathi angakhuluma naye selokhu bekhula uSbongile wayenayo indlela yokumenza azizwe ncono.

Angene estolo uSbongile  athenge aphinde aphume asondele aze andlule ngakuye.

Mihla:”Sbongile.”

Amubheke ebusweni kuvele kwehle izinyembezi kuMihla, adideke kuthi asondele noma enzeni. Eme amubheke asondele uMihla elokhu ekhala makafika duze naye akhale kakhulu abantu abandlulayo baze bababheke.

Mihla:”Ngiyakukhumbula Sbongile yazi kuvele kwaphenduka konke nje kwangifulathela.”

Sbo:”Kwenzenjani?”

Mihla:”UNsizwa unenkosikazi yakhe manje sekayeka mina.”

USbongile akazi ukuthi athini ngoba eqinisweni usasenayo intukuthelo kuthi wamusukela wamushaya.

Sbo:”Jabula ngoba kusheshe kwavela ushadile muyeke asikho nesidingo sokumukhalela ngoba yena manje akanandaba ujabulile nenkosikazi yakhe, futhi unalo isoka nje awuhlali ngani nalo uyeke kulandela uNsizwa.”

Mihla:”Ngiyamuthanda mngani angikhoni yazi angizazi  kuthi ngizizwe njani.”

Sbo:”Kubuhlungu zitshele ukuthi ubalulekile unempilo unyaka uyaphela qala kabusha uqhubeke nalezimfundo ongaphumelelanga kuzo.”

Mihla:”Mngani inhliziyo yami ibuhlungu ngiyakutshela ngosizi lwami wena esikhundleni sokuthi ungibonise ubona ukuthi uhlekise ngami ungitshele ngesikole.”

Sbo:”Yazini Mihla mina lokhu engikushoyo kuwe into ebengingayenza mangabe ubona ukuthi ngidlala ngawe angazike.”

Afulathele amushiye lapho aqonde kubo noMihla angene kubo manje sekahlala asegunjini lakhe ngoba akafuni kuthi umawakhe amubone. Ezwe kukhala isango abheke efasteleni lasegunjini lakhe ezwe acasuka makabona imoto kasesi wakhe. Agibele embhedeni wakhe adlale ngocingo lwakhe ezwe sekabizwa

“Mihlayenkosi iza la manje.”

Ubaba wakhe lowo avele afunde kwezakhe ukuthi ubizelwa ukuthethiswa, aphume makavela la abahlezi khona bathuke isimo akuso uMihla amehlo abomvu avuvukile.

Amanda:”Kwenzenjani Mihla?”

Ahluleke kuzibamba abeke izandla zakhe emehlweni akhale ababuke uMzobe sebamutatazelela bamunika amanzi. Awaphuze bamuyeke akhale sebamuthulisa bobabili umawakhe nosesi wakhe, athi angathula nje

MaMzobe:”Ngizokwenzela ukudla uzophuza amaphilisi ekhanda ulale.”

Mzobe:”Hhey ntombazane tshela mina manyala mani lawa owenze emzini kasesi wakho.”

Amanda:”Akunankinga baba.”

MaMzobe:”Yebo sekundlulile futhi.”

Mzobe:”Anginamsebenzi mina nalokho, Mihla usithathaphi isibindi sokuyodelela emzini le usifakele ihlazo.”

Mihla:”Baba.”

Mzobe:”Angifuni nokwazi isizathu manje uyahamba nosesi wakho uyoxolisa kumamezala wakhe.”

Mihla:”Baba.”

Mzobe:”Ngithe manje mangabe lokho kuyakusinda uzogqutshwa yimina.”

Aphume uMzobe uMihla asale abuke usesi wakhe

Amanda:”Ngiyaxolisa kodwa bekumele ngibatshele Mihla sibi isikhathi esiphila kuso manje, lomlisa akakulungele.”

Mihla:”Amanda utshele nobaba ngendaba yesoka lami?”

MaMzobe:”Isoka lakho elishadile kodwa Mihla wena sochitha imizi yabantu manje, futhi selokhu wahlangana nalomuntu awujabulanga uhlala uzivalela egunjini lakho.”

Mihla:”Sesihlukene ma.”

Amanda:”Ubani olahle omunye?”

Mihla:”Yimina umama  Cebile noma ngigcine ngikhuluma kabi naye kodwa ngimuzwile.”

Esho ekhuluma amanga uMihla

MaMzobe:”Yingakho amehlo akho abomvu nje?”

Mihla:”Eya mama ngiyamuthanda kakhulu inkinga ngaqala kuthandana naye ngingazi kuthi ushadile. Manje sekunzima ukuhlukana naye.”

MaMzobe:”Uzomuthola owakho muyekele usemuncane.”

Amanda:”Ithi ngikuphakele.”

Asukume amuphakele usesi wakhe amunike

Amanda:”Nana ngitshele abazali bethu ngoba ngiyakuthanda angifuni ulahlekelwe impilo yakho ngenxa yomuntu ongenandaba nawe.”

Mihla:”Ngiyakuzwa sisi nami ngiyaxolisa ngokukhuluma nawe kabi ngizoya kumama kuyoxolisa.”

Makaqeda kudla asukume uMihla azizwe ashawa isiyezi abambe ikhanda lakhe bese uyaqhubeka nokuyobeka isitsha. Bezwe sekuphuka isitsha basukume bayomubheka uphansi.

MaMzobe:”Mihla sesi.”

Amanda:”Akekho kahle ma ngisondeza imoto.”

Aphume ngokushesha asondeze imoto uMzobe naye angene egijima afice indodakazi yakhe igonwe umawayo uyakhala umaMzobe. Bamuphakamise bayomufaka emotweni bahambe. Mabafkka esbhedlela babasize ukungena naye bamufake kuwodi bona basale ngaphandle.

Amanda:”Ithi ngazise uNathi.”

MaMzobe:”Mana sizwe udokotela uthini kuqala asibe sodwa okwamanje.”

Amanda:”Uzokhathazeka makabona ngingabuyi mama bese uyongibheka.”

Bahlale balinde ngesikade aphume udokotela

“Umndeni ka Mihla Mzobe?”

Basukume ngokushesha bayoma celeni kwakhe

Amanda:”Sawubona dokotela mina ngiwusesi wakhe abazali bethu laba.”

Dr:”Ngiwu dr. Zulu uMihla uqulekile ngoba ukhulelwe abengadli kahle futhi sekuyisikhathi angadli.”

Babukane uMzobe athwale isigqoko sakhe abashiye lapho

Amanda:”Unezinyanga eziwungakhi?”

“2.”

Amanda:”Singamubona?”

“Cha ngicela namuhla nimuyeke nizomubona kusasa.”

MaMzobe:”Kulungile dokotela siyabonga.”

Babuyele emotweni bafice uMzobe abalinde emotweni ngaphandle bangene bahambe. Akukho okhulumayo la endleleni kuthulekile uAmanda angabe esangena abehlise esangweni abazali bakhe naye aye kwakhe….

***ISIQEPHU 51***

***LWAZI***

ULwazi uvuke kubo walanda indodakazi yakhe ngoba ugogo wayo enohambo.

Lwazi:"Awufuni ngikuphelezele gogo?"

Gogo:"Cha ndodana ngiyabonga ngizoba kahle, ngizokushayela masengibuyile ngiyathemba ngeke uphazamiseke ezintweni zakho."

Lwazi:"Ngeke gogo hamba ukhululeke umama ukhona endlini."

Gogo:"Uyamubona sekafana nogogo wakhe kanjani uNozibusiso?"

Lwazi:"Ngiyamubona thatha isikhwama gogo ngikubeke ematekisini."

Gogo:"Ngiyabonga ndodana."

Aphume nendodakazi yakhe nesikhwama sayo bayolinda ugogo emotweni, kukhale ucingo lwakhe aluphendule.

Lwazi:"Sleepy head sovukile?"

Cebi:"Uhambe nini kodwa ngoba ngivuke ngakucinga naphansi kombhede."

Ahleke uLwazi

Lwazi:"Ngibone ithuba lokuphuma bonke besalele."

Cebi:"Usemsebenzini?"

Lwazi:"Angikafiki ngizolanga uNozibusiso ugogo wakhe uyahamba."

Cebi:"Mina bengithi angizi ngoba ilogvook yami seyigcwele manje mawuza noNozi sengiyeza."

Lwazi:"Cha phumula sthandwa sami ngifuna kukubiza uze ntambama, bazovuma kini mawucabanga?"

Cebi:"Kuthi ngilale?"

Lwazi:"Nalokho kuzobe kungasilo iphutha phela."

Cebi:"Hayibo Mkhathini kahle."

Lwazi:"Khawula kungibiza kanjalo."

Cebi:"Kunani?"

Lwazi:"Kuvusa abalele."

Cebi:"Ngikude kanje?"

Lwazi:"Sizothini izinto esenziwa zona othandweni."

Cebi:"Kulungile Mkhathini ngizokubona ntambama."

Lwazi:"Ungagqoki isigcebhe."

Cebi:"Hawu ngobani?"

Lwazi:"La engikuyisa khona izigcebe azifuneki."

Cebi:"Ngathi ungifaka enkingeni nje ngigqoke isudi?"

Lwazi:"Cha ugqoke ukhululeke noma ujini wakho inkinga ayikho kodwa hhayi isigcebhe noma ishort namaveza sbhono."

Cebi:"Isikhathi?"

Lwazi:"Mangishayisa ngizondlula lapho."

Cebi:"Kusho ukuthi ngabo4?"

Lwazi:"Yebo."

Cebi:"Kulungileke."

Lwazi:"Nkosazana."

Cebi:"Mmmm."

Lwazi:"Ngiyakuthanda uyezwa."

Cebi:"Nami ngiyakuthanda, noma ungibalekele nje usaba kuthi ngizokuvusa ngikubonise umhlolo, wena ngizokubamba."

Lwazi:"Ngibalekele umhlolo wani?"

Cebi:"Angithi ubuthukile ukuthi ngizokwenza yingakho ubalekile nje ubalekela ucansi."

Ahleke uLwazi anikine ikhanda makabona ugogo akhiya umnyango avalelise.

Nozi:"Baba ubani unkosazana?"

Lwazi:"Isthandwa sababa."

Nozi:"Unesthandwa njengami nawe."

Lwazi:"Ubani isthandwa sakho?"

Nozi:"Ugogo ungibiza ngosthandwa sami njalo makangilalisa."

Athinteke uLwazi aze asibheke isalukazi, simukhulisela kahle ingane yakhe, uze uyakhuleka  ukuthi uCebi angamunqabeli noma sebashadile aqhubeke amunike imali ngoba namanje kuyamucacela ukuthi uphila ngalemali ondla ngayo uNozibusiso.

Akanayo inkinga futhi yingakho amunika endlulele  afike agibele ngemuva ayisuse uLwazi. Amubeke ematekisini

Lwazi:”Uya kuphi gogo ngizokufaka etekisini eya khona ngqo.”

Gogo:”Ngiya eGoli mntanami.”

Athuke uLwazi

Lwazi:”Uyokwenzani eGoli gogo?”

Gogo:”Kunesihlobo sami engiyosibheka sizongihlangabaze ungakhathazeki ngane yami.”

Lwazi:”Kulungile gogo asambeni.”

Behlike emotweni nesikhwama sagogo esincane ayomufaka etekisini eya eGoli

Lwazi:”Akukho okufunayo ngoba nisalinde igcwale itekisi.”

Gogo:”Ngiwuphethe umphako omncane mzukulu angidli kakhulu mangisendleleni ngoba ngiyaphiswa mangidlile ngingaze ngenze ingozi.”

Afake isandla eskhwameni abuye nemali amufumbathise yona asondele ebusweni kuye.

Lwazi:”Gogo ngizokukhokhela manje wena ungakhiphi mali ungathembi muntu futhi ngoba iGoli libi, ngisho nalaba ogibele nabo. Uma uhlangana nenkinga le ungishayele ngokushesha ngizokufakela nomoya. Ungalindi kuze kuphele ihora makangaqhamuki lomuntu okumele akulande ungishayele ngokushesha.”

Gogo:”Hawu kodwa mntanami.”

Lwazi:”Uhambe kahle gogo.”

Gogo:”Nisale kahle mfanami, ohhhh.”

Babuyele emotweni ayisuse ashayele umfowabo omdala

Mholi:”Thumbu.”

Lwazi:”Mholi kunesalukazi esizayo lapho itekisi yakhe izosuka kungekudala nje.”

Mholi:”Ngihlangana kuphi mina manje nezalukazi?”

Lwazi:”Mana maaan ugogo wengcosi yami ngithe angishayele makwenzeka aba nenkinga ngizokushayela bafo ugade ucingo lwakho.”

Mholi:”Wena bakudlisa lapha ubaby mama wakho  wakushiya uyameruza la akhona, usamulandela.”

Lwazi:”Angisekho lapho ilesalukazi nje singinakela ingcosi yami kahle.”

Mholi:”Akunasmoko thumbu.”

Aluvale ucingo

Lwazi:”Ufuna ukuhamba nami kuya emsebenzini noma ngikumukise kugogo nomkhulu?”

Nozi:”Ngifuna kuya kugogo..”

Abuyele emuva kubo afike amushiye khona bamujabulele bomkhulu bakhe ahambe uLwazi. Makafika emsebenzini abantu sebaqalile ukusebenza ngoba isikhathi kudala sishayile. Aqonde ehhovisi afice uSiyabonga asebenza khona abhala okuthile.

Lwazi:”Ndoda.”

Siya:”Bhoza unjani?”

Lwazi:”Ngisharp konke kukahle kubafana?”

Siya:”Kukahle.”

Lwazi:”Ngicela ungibizele uSizakele kumele ngimufake endleleni manje sengithule kakhulu.”

Acabange uSiyabonga azinwaye ekhanda

Siya:”Akekho noma akakafiki angazi.”

Lwazi:”Niwuqedile lomsebenzi engininike wona?”

Siya:”Siwuqede izolo.”

Lwazi:”Nihambe nini?”

Siya:”Ngabo7.”

Lwazi:”Bekungahwalele kakhulu noma useliwe.”

Azilume udebe lwakhe uSiyabonga amubheke uLwazi ahlale phansi

Lwazi:”Yini?”

Siya:”Ngicabanga ukuthi ngenze iflop izolo mlungu.”

Lwazi:”Wenzeni?”

Umubuza angamubhekanga umatasa ngalokhu akubhekayo kulomsebenzi abashiye bewenza aze aphakamise amehlo makangaphenduli. Amufice athukile amubhekisise

Lwazi:”Kwenzenjani ndoda?”

Siya:”Izolo ngipapatle uSizakele.”

Amoyizele uLwazi

Lwazi:”Manje kungani ungitshela?”

Siya:”Eyyyy mangibuya kuyokupheleza  ngingene la ehhovisi sekadunusile umubonile nawe abegqoke ini. Ngihluleke ngivele ngazihloma kuye ngamunika.”

Lwazi:”Angikaqondi kungani ungitshela.”

Siya:”Yena bekalinde wena mangivula lomnyango abecabanga ukuthi nguwe, nami mangimunika azange ngimuvumele kuthi abheke ngakimi.”

Amangale uLwazi aze ashaye ikhwele

Lwazi:”Ufuna ngithini ndoda.”

Siya:”Ngiyazi ngoba angezi emsebenzini ucashele lokho, nami ngisuke ngahluleka.”

Lwazi:”Mina angiyiboni inkinga ngoba awumdlwengulanga kodwa uyazi angizwani namanyala anjalo, ngizokunika a written warning noma ngabe ufikelwa ileyo mizwa hhayi la ehhovisi lami.”

Siya:”Ngiyazwisisa mnumzane.”

Lwazi:”Asibheke la ngaphandle kusasa angizi.”

Siya:”Konke kukahle mawungena bengiqeda kubuya, asambe uAngel yonke lento ayidwebile iza kahle ungaphika kuthi umfundi.”

Lwazi:”Ngavele ngayithemba itheory yakhe ngendlela ayichaza ngayo.”

Babheke zonke izindlu aneliseke

Lwazi:”Kusasa angizi  abantu ubashayisise ngo 12 ngoba kumele kucace kulesomto elizayo.”

Siya:”NgoMgqibelo?”

Lwazi:”Cha abahlale bangangeni sizoqala sonke ngoMsombuluko.”

Siya:”Ngiyaxolisa ngesenzo sami kakhulu mnumzane yazi nginamahloni manje.”

Lwazi:”Mina anginandaba kuthi upapatla kuphi nobani kawungakhi nawe uyazi.”

Siza:”Ngiyazwisisa.”

Lwazi:”Ithi ngiyoqedela okunye.”

Siya:”Manje ngeke asabuya uAngel?”

Lwazi:”Uzobuya makafuna.”

Siya:”Kulungile ngoba usekhona ithi ngiyobheka ngale.”

Bahlukane ngokusebenza kuze kushaye isikhathi sokuthi ahambe uLwazi angafikanga uSizakele……

***ISIQEPHU 52***

***CEBI***

UCebile sekaqedile ukuzilungiswa abhalele ubhuti wakhe kuthi eze egunjini lakhe, emva kwesikhashana angene.

Sinalo:"Hayibo,uyaphi wazipenda ilanga seliyoshona nje?"

Cebile:"Ngicela ungicabangise mntanamama."

Sinalo:"Ufunani?"

Cebile:"ULwazi uyeza kukhona la esiya khona ngiyazi sizobuya sekuhwalele."

Sinalo:"Ayyyy ndoda lomuntu ulale la manje uyahamba futhi."

Cebi:"Awuzwisisi bhuti wami."

Sinalo:"Ufuna mina ngithini?"

Cebi:"Ngicela uhambe nami, ubatshele ukuthi uya kuphi kuphi wena awunaso isithandwa manje uhamba nami."

Amumangalele umfowabo

Sinalo:"Manje sonke lesikhathi mina ngizobe ngikhamise kuphi."

Cebi:"Uzobona nawe unabangani,mina masengibuya ngizokushayela ngiyakucela bandla."

Sinalo:"Cebile"

Cebi:"Bhuti wami ngiyalucela."

Sinalo:"La egcekeni sibuya ngehora leshumi noma lingakashayi."

Cebi:"Ngiyabonga bhutiza."

Sinalo:"Cebi niyahlupha yazi kuncono lomuntu umazise bazokwazi."

Baphume belandelana uSinalo aqale egunjini lakhe athathe ijezi baphume.

Nathi:"Niyaphi?"

Sinalo:"Siyodla ngaphandle bafo."

Nathi:"Niyahlanya ningakhetha ukuyodla ngaphandle ninodwa kungani ningashongo umndeni uhambe wonke?"

Sinalo:”Kahle kahle kukhona engifuna abonwe uCebi kuqala bese ngimuletha ekhaya nizomubona.”

Nathi:”Ohhhhhh.”

Sinalo:”Sharp ithi sihambe.”

Nathi:”Nibuye ngokushesha.”

Aphume ubabMongezi egunjini lakhe ngaphandle aqonde kulezimbali ezinhle afike azithelele eme kuzo. Bamubhekile bonke yena akabanakile kodwa ubabonile.

Sinalo:”Kwenzakalani ngalezimbali ngoba azithanda kangaka?”

Nathi:”Mhlawumbe ukhumbule ubhuti wakhe angithi bazihlanyela bobabili.”

Basamubukile kukhale ucingo lwaCebile alubheke bobhuti bakhe bamubheke bobabili aluphendule.

Cebi:”Mngani"

Lwazi:”Awukhoni ukukhuluma?”

Cebi:”Yebo.”

Lwazi:”Sengifikile nginga sesihlahleni.”

Cebi:”Kulungile ngizomazisa.”

Makavala ucingo lwakhe

Sinalo:”Asambe sisiphethe isikhiyo bafo.”

Nathi:”Mina awufuni ngimubone lo eniya kuye?”

Sinalo:”Uzomthusa hhayi manje.”

Amoyizele uNathi bafulathelane yena aye endlini bona baqonde emotweni

BabMongezi:”Hhey bafana.”

Beme bonke bamubheke ababize

BabMongezi:”Buya nawe sesi.”

Baye kuye bafike beme celeni kwakhe uCebile eme ngakuye amugaxe ubabMongezi amubuke.

BabMongezi:”Waze wamuhle sesi.”

Cebi:”Ngiyabonga baba.”

BabMongezi:”Ubhuti wenu omdala ushadile manje ubaba wenu wayefisa kuthi nonke nishade ngokulamana kwenu kodwa ngendlela engibona ngayo ngathi kuzoshada uCebi kuqala.”

Nathi:”Sekayathandana uCebi?”

BabMongezi:”Angimazi mina ngikhuluma ngoba ngiyamubona indlela ayiyo bazomuthatha.”

Cebi:”Nginjani baba?”

BabMongezi amubheke amoyizele amuhlikihle esiphangeni amusondeze kuthi aqamelise ikhanda kuye.

BabMongezi:”NgoMgqibelo ngifuna niphelezele umawenu kuya le eNdabezitha.”

Nathi:”Uyokwenzani lapho?”

BabMongezi:”Inkosi imubizile.”

Nathi:”Umkhulu akekho omunye.”

Sinalo:”Baba wena ngeke uhambe nathi?”

BabMongezi:”Ngeke umawenu uyakwazi ukuzikhulumela futhi makukhona nina.”

Nathi:”Mina kodwa ngicabanga ukuthi uhambe babomkhulu, umama uyakhululeka uma ukhona.”

Athule ubab Mongezi azicabangele uCebi inhliziyo yakhe ayikho nje la achwebe uSinalo

Sinalo:”Sicela indlela thina sizobuya ngokushesha.”

BabMongezi:”Ningakhululeka bantabami, Nathi nawe thatha inkosikazi yakho niyodla ngaphandle uyasebenza la endlini imini yonke.”

Ahleke uSinalo

Sinalo:”Uyazazi izinto zoromantic kanti baba?”

Bahleke basuke bonke boSinalo bayongena emotweni bahambe, bamuthole uLwazi esalindile esihlahleni ehle ngokushesha uCebi ayoxolisa.

Sinalo:”Ngo 10 mina ngiyangena endlini noma ngabe ukhona noma ungekho.”

Amoyizele uLwazi uCebi amukhiphele ulwimi angene emotweni

Cebi:”Ngiyaxolisa sthandwa sami kukulindisa.”

Lwazi:”Kulinda wena akungizwisi buhlungu singahamba?”

Cebi:”Asambe.”

Lwazi:”Umuhle.”

Cebi:"Ngiyabonga."

Bahambe uCebile anake sekahambisa imoto kancane kuthi kuyiwaphi.

Cebi:"Lwazi."

Lwazi:"Sekuyisikhathi sthandwa sami, kudala ngilala ngedwa bengingenankinga kepha selokhu usempilweni yami ngiyazizwa ukuthi akumele kwenzeke. Ngikufuna emagcekeni akoKhoza njalo manje angisakhoni."

Babukane

Cebi:"Uthini Lwazi?"

Lwazi:"Angisakhoni ngikufuna duze nami."

Cebi:"Siqeda kuhlangana."

Lwazi:"Yazi into ubaba angifundisa yona wathi masohlangene naye uzozizwela ngeke ngikhone kukuchazela wena uzozwa phakathi konke kuhlangana. Manje kuhlangene nkosazana."

Athule uCebi ngathi ushawa luvalo angenise imoto uLwazi behlike makamubamba ngesandla uthukile.

Lwazi:"Ungathuki."

Adonse umoya baqonde emnyango bangene umama Lwazi usekhishini amehlo akhe avele ahlale kuCebi oshalazelayo bese ubuka uLwazi.

Lwazi:"Uphi ubaba manje?"

MaKhoza:"Babuke opopayi noNozi ngale."

Lwazi:"Ngicela kukhuluma nani."

Asithele ngale umaKhoza abuye sekalandelwa umyeni wakhe, bahlale phansi ekhishini bababuke uCebi akakhoni nokuphakamisa ikhanda.

Khoza:"Ndodana."

Lwazi:"Baba nomama lona uCebile wakwaNkosi ngithandana naye kodwa ngifuna ukumthatha."

Babukane abazali bakhe

Lwazi:"Ngiyazi mama uzokhathazeka ukuthi siqeda kuhlangana kimi ngathi kudala ngimazi konke nje angazi ngithini mama ngicela nimamukele."

Khoza:"Unjani maSiwela?"

Cebi:"Ngiyaphila baba."

MaKhoza:”Ngiyakwazi sake sahlangana mhlawumbe noma sikhonza sonke?”

Amubheke uCebi abuye asheshe kushalazela angakamubuki kahle

Cebi:”Angazi ma.”

Amoyizele umaKhoza

MaKhoza:”Mina ngiyamamukela uma sizohloniphana nje, uyabona la ekhaya asiwufuni umsindo kodwa uzobona isikhathi masilokhu siqhubeka.”

Cebi:”Ngiyabonga ma.”

Khoza:”Ufuna kungithuma nini ndodana?”

Lwazi:”Maduzane.”

Kukhale ucingo lwaLwazi aluphendule asukume ngokushesha

Lwazi:”Kuzomele ngikubuyisele ekhaya sthandwa sami, bafuna amalahle futhi ngokushesha kulekhampani.”

MaKhoza:”Hawu sebashayisile boSthupha moso.”

Lwazi:”Ngizobalanda mangibuya kuyobeka uCebi.”

MaKhoza:”Mangabe awubatholi ubuye uzongilanda, sesi uphinde ubuye sizohlala kahle.”

Vebi:”Kulungile ma nisale kahle.”

Baphume uLwazi aye egunjini lakhe amulandele uCebi

Cebi:”Wenzani mabafuna amalahle?”

Lwazi:”Ngiyawakha ngiwafake emasakeni kodwa ngiyathemba boSthupha benze amasaka amaningi.”

Cebi:”Ngingashintsha nami ngihambe nawe.”

Lwazi:”Cha sthandwa sa.”

Akhumule uCebile amubuke uLwazi akhumule asale ngephenti nobra eme amubheke

Lwazi:”Wenzani kodwa?”

Cebi:”Ngiphe nami izimpahla zamalahle ngifuna kuyobona.”

Asondele kuye uLwazi amuqabule asheshe amukhuze uCebi

Cebi:”Sikhona isikhathi sokwenza yonke lento oyihalelayo manje asambe.”

Akhiphe ma overall asemasha amunike

Lwazi:”Gqoka lebhlukwe ngaphansi bese wona uwabuyisa phezulu.”

Bagqoke ngokushesha baphume

Lwazi:”Iyongilinda phambili ngisalanda iloli.”

Ahambe ayomulinda abazali baLwazi bamubukile afike neloli agibele bahambe…

***ISIQEPHU 53***

***SINALO***

USinalo makaqeda ukushiya usesi wakhe esokeni lakhe uzicabangele uSbongile aqale amubhalele umlayezo.

Sinalo:*Ngicela kukubona.*

Alinde impendulo kuze agcine amushayela

Sbo:"Sinalo."

Sinalo:"Ngiyaxoliss kukuphazamisa."

Sbo:"Awungiphazamisi."

Sinalo:"Ngicela ukuzokubona."

Sbo:"Umama ukhona."

Sinalo:"Ngizocela yena kuhlala nawe emehlweni akhe, ngiyakucela."

Sbo:"Sinalo unentombi yakho futhi ihlala duzane nje."

Sinalo:"Awufuni ngize? Ngeke ngiphinde ngikuhluphe namuhla ngizokubona kokugcinake ngiyacela."

Sbo:"Kulungile woza ihora elilodwa bese uyahamba."

Sinalo:"Ngiyabonga manje ngiyavela ngiduzane nakini."

Aluvale ashayele aze afike angene akokode kabili kuvuleke umnyango umama Sbongile ovulayo amubheke

Sinalo:"Sawubona ma."

MaYoli:"Unjani?"

Sinalo:"Ngiyaphila ma."

MaYoli:"Ufunani?"

Aswabe uSinalo uyabona ukuthi umama Sbongile ngathi akasakhululeki ngaye

Sinalo:"Mama bengicela ukuvakashela uSbongile ihora nje."

Amubheke umamYoliswa aphume avale umnyango uSinalo ahlehlele emuva.

MamYoli:"Ngiyabonga wasiza ingane yami kodwa manje angizwisisi mangilokhu ngikubona la kwami."

Sinalo:”Angiqondile okubi mama.”

MamYoli:”Uqondeni ngoba ngiyazi abafana abanemali njengawe babuka amantombazane angenalutho bese bafuna kudlala ngabo.”

Sinalo:”Ngiyakuthokozela ukuba noSbongile ma akukho okubi engikuhlosile ngaye kodwa umama uma angasafuni ngisondele duze nendodakazi yakhe ngizokuhlonipha lokho ngizosuka duze naye.”

Amubuke umamYoliswa manje uyacabanga mangabe lomfana uyamuthanda ngempela umntanakhe noma ufuna kulala naye amushiye kanjalo, makavuma ngaye ngeke azixolele. Mangabe ngempela umuthanda ngokweqiniso makamuxosha uzowonela ingane yakhe ngenxa yokusaba. Akhumbule namazwi kabhuti wakhe kuthi amuyeke uSbongile azenzele amaphutha wakhe.

MamYoli:”Manje ufuna kumusaphi ngoba seliyashona ilanga?”

Sinalo:”Angihlelanga lutho ngizwe ngimukhumbula nje.”

Athuke uSinalo azikhuze ngokushesha

Sinalo:”Cha angiqondile kumkhumbula ngaleyo ndlela ma ukuthi nje ngisuke ngamucabanga ngase ngifuna kumubona ngoba ungumngani wami futhi siyajabula,,, eish angazi ngithini ma.”

Amoyizele umaYoliswa

MaYoliswa:”Ngimufuna la endlini kungakashayi u12 wasebusuku siyezwana.”

Sinalo:”Eya mama ngiyabonga.”

MaYoli:”Lo ingane yami akusiwo umqamelo wakho wokumulala uyangizwa?”

Agwajaze uSinalo abe namahloni kepha avume amushiye lapho umama Sbongile angazi noma amulandele noma alinde uSbongile la. Aqhamuke uSbongile ugqoke ujini omhlophe omubambe kahle nesikibha esiyellow. Abambeke uSinalo umubona emuhle njalo manje kakhulu asondele aze afike kuye.

Sbo:”Sawubona.”

Angaphenduli amubheke ebusweni athuswe ukuchitheka kwamanzi echithwa umama Sbongile.

Sinalo:”Sawubona singahamba.”

MamYoli:”Ungasikhohlwa isikhathi.”

Sbo:”Mama hawu.”

MamYoli:”Yini?”

Sinalo:”Ngiyabonga ma nisale kahle.”

Bayogibela emotweni bahambe uSinalo ulokhu uyamutshontsha uSbongile.

Sbo:"Sinjani isandla?"

Sinalo:"Isandla?"

Sbo:"Angithi washayiswa umnyango."

Akhumbule kuthi wazikhalisa konje

Sinalo:"Mangikubona  ngiyazikhohlwa izinhlungu."

Sbo:"Siyaphi?"

Sinalo:"Usudlile?"

Sbo:"Eya ngidlile ekhaya sidla ngokushesha."

Sinalo:"Sizoya kothenga ice cream."

Sbo:"Ubhale kanjani?"

Sinalo:"Kamnandi nalokhu othe kungaphuma ngoba kuyaxhumana kuphumile ngendlela ochaze ngayo."

Sbo:"Ohhhhh."

Sinalo:"Manje wena ngonyaka ozayo uyasebenza vele?"

Sbo:"Mangiwuthola umsebenzi."

Sinalo:"Uzoba nesoka elifundayo wena usebenza."

Sbo:"Anginasoka mona."

Sinalo:"Hawu angisilo mina kanti?"

Sbo:"Wena ulisoka laMihla mina ngiwumngani wakho."

Sinalo:"Umngani omuhle kanje cha mina ngiyamubonga, ngifuna abe yisithandwa sami."

Sbo:"Bese uMihla?"

Sinalo:"Asikhulumi ngoMihla la sikhuluma ngawe."

Sbo:"Hayike bhuti mina angihlanganyeli, kusho ukuthi uzoza kimi sohlukene noMihla."

Sinalo:"Usho ukuthi mangingahlukana noMihla uzoba yisithandwa sami."

Ashalazele uSbongile abuke ngaphandle kwefastela uSinalo uyazibonela ukuthi sekungowakhe uSbongile kodwa kumele alungise amagwegwe akhe kuqala ngoba akafuni kumuphatha kabi uSbongile umsulwa kakhulu.

Sbo:"Hayibo angikushongo lokho mina."

Bafike estolo esidayisa bo ice cream abahlukene amise imoto bangene

Sbo:”Angikaze ngingene la ngihlala ngindlula nje.”

Sinalo:”Ngihlala ngithunywa umama nenkosikazi kabhuti la, kunemihlobo eminingi.”

Bahlale phansi babuke abangayithenga

Sbo:”Iyiphi emnandi ngoba mahle wonke?”

Sinalo:”Umama uhlala angithuma le yevanila bese ufaka itoping yestrawberry usesi wami omncane yena uthanda apricot  yenake uthanda izinto ezingadleki angazi kungani.”

Sbo:”Noma uyancishana ufuna ukudla yedwa.”

Bahleke kusondele intombazane izothatha ma oda abo bese iyahamba, basale bekhuluma nje okungatheni aze abuye ama ice cream abo.

Sinalo:”Tshela mina unalo isoka?”

Sbo:”Nginalo.”

Sinalo:”Ulibona nini ngoba uhlala usendlini?”

Sbo:”Ngilibona njalo ukuthi niyaphambana.”

Azibonele uSinalo kuthi uyakhohliswa la

Sbo:”Wena uMihla ngeke athukuthele makangakubona?”

Sinalo:”Akukho okubi esikwenzayo nje.”

Sbo:”Ohhhh.”

Amubuke uSinalo indllela akha ngayo afake emlonyeni ucophelele nendlela ayinambitha ngayo maseyisemlonyeni. Kukhale ucingo lwakhe aluphakamise.

Sinalo:”Seniqedile njalo?”

Cebi:”Bandla bhuti ngicela uzomusiza yazi une oda okumele alihambise manje izisebenzi zakhe azitholakali.”

Sinalo:”Wuuuu umuntu sekazosebenza lesoka lakho phela manje ngimatasa mina ngeke ngikhone.”

Cebi:”Ngiyakucela hawu ngizokukhulumela nomama akuyeke maniya eEgypt nalomculo wakho.”

Sinalo:”Uyazelaphi leyoke?”

Sbo:”Nginendlela yami ngiyazi futhi ngeke avume umama.”

Sinalo:”Uyakwatisana kodwa nalesoka lakho, nikuphi?”

Amulayele bese uyaluvala abheke isikhathi uSinalo ihora lesithupha.

Sinalo:”Ngicela ungiphelezele.”

Sbo:”Ngiyathemba asiyi kude.”

Sinalo:”Umama uthe ngikulethe ngo 23:55 sisenesikhathi eside kabi.”

Sbo:”Ngiyazibuza ukuthi umenzeni umama ukukhonzile.”

Sinalo:”Ngempela?”

Sbo:”Eya.”

Sinalo:”Indlela angibuka ngayo kodwa iyangithusa.”

Sbo:”Abengeke avume uhambe nami uyakuthemba.”

Basukume ayokhokha uSinalo baphume athuke sekamubamba ngesandla balinde izimoto zindlule ngoba upake ngale komgwaqo. Azame kumuyeka uSbongile kodwa asiqinise uSinalo bahambe mabafika emotweni amuvulele umnyango aphendukele kuye. Babukane aye kolunye uhlangothi kuthi andlule baye ndawonye bobabili bahleke.

Sinalo:”Ngicela kukuhaga.”

Sbo:”Ngoba?”

Sinalo:”Kudala ngiyahalela kodwa ngizikhuze.”

Sbo:”Ohhhh.”

Abuke phansi uSbongile amubambe okhalweni uSinalo amuhage uSbongile amukise izandla zombili entanyeni kaSinalo. Bahagane amuqabule esihlathini abuye amuhage futhi. Masekazizwa ngenye indlela amuyeke agibele emotweni avale, aye endaweni yakhe bahambe.

Sinalo:”Ukahle?”

Sbo:”Ngithukile?”

Sinalo:”Uthuswe yini ufuna ngikuyise ekhaya?”

Sbo:”Cha ngithukile nje mawungibamba.”

Athuke uSinalo

Sinalo:”Ngikukhumbuze lento eyacishe yakwenzakalela? Ngiyaxolisa mangabe awusakhululekanga ngingakumukisa ekhaya.”

Sbo:”Cha akusikho lokho.”

Sinalo:”Pho yini?”

Abheke ngaphandle uSbongile

Sbo:”Ayyy zicabangele ndoda kudala uphila kulomhlaba.”

Sinalo:”Kumayelana nokwenzeke emzimbeni?”

Angaphenduli uSbongile bamoyizelelane uSinalo alule isandla asibeke ethangeni lakhe asibhekise phezulu, uSbongile asibheke naye amunike esakhe babambane sekashayisa ngesandla esisodwa. Bafike la alayelwe khona behlike akhiphe ucingo athi uyamushayela aqhamuke uCebile

Cebi:”Bhuti iza singapha.”

Sinalo:”Ayyy Cebi ungibizele amalahle kahleni.”

Ahleke uLwazi ngale ngoba uyalizwa iphimbo lakhe uCebi abheke uSbongile amangale ngoba uyamazi akusiye lomntwana wokuthandana, izingane zesikole zize zimubiza ngofarm julia.

Cebi:”Sawubona.”

Sbo:”Sawubona.”

Cebi:”Ngiyaxolisa bengingazi ukuthi unomuntu bengicabanga ukuthi uye kulabangani bakho.”

Sbo:”Ayikho inkinga.”

UCebile abheke uSinalo othalazayo kulendawo, balandele uCebi bayovela la abasebenza khona. ULwazi uphethe ifosholo ufaka amalahle emasakeni. Ahleke uSinalo sekaze akabonakali ukuthi ungubani.

Sinalo:”Thina sizokwenzanike?”

Cebi:”Siza uLwazi afake lamasaka elolini mina ngizofaka ngefosholo emasakeni sekusele ambalwa.”

Sinalo:”Malini ngizohola malini?”

Ukhuluma sekahle ukhumula ijezi lakhe, uLwazi avele amuthande usbali wakhe unobuntu njengosesi wakhe.

Lwazi:”Uzongitshela wena kuthi ngikhokhe malini.”

Cebi:”Ngizokutshela mina awumazi kahle ubhuti angakuthengisa imoto entsha, buya uzohlala ngapha.”

Sbo:”Cha nami ngizokusiza.”

USinalo amubheke ngokumutshontsha

Cebi:”Ugqoke ibhlukwe elimhlophe.”

Sbo:”Alinankinga.”

Ayothatha ifosholo naye bafake esakeni ngokusizana boLwazi bawalayishe amasaka baze baqede.

Sinalo:"Sthandwa sami awubheke sonjani umawakho uzongishaya."

Sbo:"Ngeke uzobe sekalele uthe ngihambe nesikhiyo."

ULwazi abale aqede

Lwazi:"Kumele ngiwahambise manje."

Sinalo:"Thina kumele siyogibela emotweni sinje."

Cebile:"Ungayishiya kuphephile la."

Lwazi:"Kunabonogada ngeke yenzeke lutho."

Bayogibela elolini belokhu behlekana ukuthi banjani, bahambe ngenhlanhla mabafika la abayodiliva khona babasize. Baqede konke bahambe sekugamanxe ihora leshumi, baqale baphelezele uSbongile, uSinalo ehle naye. Basahlekana ngokuncola abayikho uSbongile uze wakhumula nezicathulo uziphethe ngezandla.

Sinalo:"Namuhla ungikhombise olunye uhlangothi lwakho."

Sbo:"Ngiyathemba uhlangothi oluhle."

Sinalo:"Sbongile ngiyakuthanda futhi akuqali manje nginesikhathi ngikuthanda."

Mabafika emnyango amuhage uSinalo angacelanga makamuyeka amuqabule esihlathini, azihlome emlonyeni amuqabule kukhanye endlini bayekane ngokushesha. Avule umnyango angene uSbongile

MamYoli:"Hayibo kwenzekeni, uphi lomfana?"

Sinalo:"Ngikhona ma"

Angene naye amangale umuntu omdala ngoba bamalahle bobabili anake mabahleka indlela uSbongile abuka ngayo lomfana. Abone nje kuthi ikhulile indodakazi yakhe akukho angakwenza baze abanakanga kuthi babambene ngezandla naye enze ngathi akaboni.

MamYoli:"Uyogeza nje angifuni uzongincolisela izingubo zami habe."

Avalelise uSinalo ahambe ayogibela elolini, mabafika kubo babukane bebona umuntu wesilisa engena endlini. Ehle ngokushesha uSinalo

Sinalo:"Sala ushayele uNathi nobabMongezi bavuke ungehli ngizokulanda mina."

ULwazi afune ukubatshela ukuthi ngenkathi ehamba umbonile lomlisa noma amucashele wangamubona ebusweni, kepha akhethe ukuthula….

***ISIQEPHU 54***

***KWANKOSI***

Makangena ubabMondli endlini awuzwe umsindo weloli akukho ukujika manje ngoba bazomubona. Makezwa uvaleka umnyango weloli washesha naye wayongena egunjini lika mamGugu, avale bese uqonda kulomnyango wakhe ajwayele kuphuma ngawo ngokushesha aphume. USinalo angene noNathi sekamuvusile uCebi ngocingo

Sinalo:"Yimina bhuti kukhona umuntu ongene la simubonile."

Bayicinge indlu yonke indoda ingatholakali, kuze kufike nobabMongezi oshayelwe uCebi. Kuvuke wonke umuntu bamangalele uSinalo kuthi wanjena nje.

MamGugu:"Wenake?"

Aphume uSinalo alande usesi wakhe avalelise isthandwa sakhe bayongena endlini. ULwazi naye uhamba ngenhliziyo engakhululekanga ngenxa yalomlisa. Bangene basacinga futhi ubabMongezi sekabuya nangaphandle

Nathi:"Khona okubonayo baba?"

BabMongezi:"Akukho ndodana."

MamGugu:"Yini eniyibonile nina?"

Cebi:"Indoda ingene la emnyango ma."

MamGugu:"Benibona lento enizincolise ngayo."

Nathi:"Nina kanti niseyizingane yini?"

USinalo uyilomuntu ongayiyeki into ingakamcaceli bonke bayamazi futhi usacinga aze ayongena egunjini lamawakhe. Athuke umaNkosi kuthi mhlawumbe bebebona ubababo labantwana. Aziduduze ngokuthi akasaphili uyisipoki uzokwazi ukuzifihla kalula, abuye elambatha.

Sinalo:"Akunalutho."

BabMongezi:"Hambani niyolala bantabami ngizolala la kusofa."

Sinalo:"Cha babomkhulu mina ngizolala la mhalwumbe uButana lowo nje."

Nathi:"Ukube nguyena ngabe sesimtholile."

MamGugu:"Nina hambani niyogeza niyasithusa, nibuyaphi nje?"

Sinalo:"Besidlala umgusha namanye amantombazane aboNolwazi amagama abo."

Bahleke bonke bahambe bayongena emagunjini abo ngokuhlukana kusale ubabMongezi noNathi.

Nathi:"Baba mawucabanga kungaba nguye uButana."

BabMongezi:"Isebusuku manje ndodana amehlo ayadlala ngabantu babone into engekho nje."

Nathi:"Mangabe kuliqiniso?"

BabaMongezi:"Okokuqala izinja bengeke zithule kangaka uyazazi lezinja zababa wakho zisatshwa nayini."

Nathi:"Eyyy uqinsile baba ithi ngiyolala lezinja zisheshe zizwe umuntu ongasiye wala manje zizithulele. Namanje ukube awukho angazi kube ziphakelwa ubani."

BabMongezi:"Hamba uyolala ndodana ukulindile umakoti lento ibathusile nje."

Nathi:"Wena?"

BabMongezi:"Uyamazi umfowenu unjani ngizohlala la aze azumeke naye."

Kuphume umamGugu nenight dress yakhe emfushane ucabanga kuthi bonke sebalele kusele uNathi noSinalo. UbabMongezi makamubona amufulathele ngokushesha kuthi angasamuboni futhi. UNathi amubheke abone umawakhe abone kuthi uhlonipha inkosikazi yomfowabo.

MamGugu:"Nathi ngilethele amanzi, ngiyaxolisa bhuti ngizwe iphimbo likaNathi noSinalo ngithi ngizomthethisa kuthi ayogeza."

BabMongezi:"Akunankinga sesi."

UNathi ahambe ayokha amanzi asale afulathela umamGugu abuyela egunjini lakhe, masebahambe bonke ubabMongezi ahambe naye ayolala egunjini lakhe. Kuthuleke egcekeni uSinalo egunjini lakhe ulokhu ugadile akalelanga, masekushaya ihora lesibili ekuthatheni kokusa aphose ithawula ayogibela embhedeni. Pho namasaka amukhathazile. Maligamanxa ihora lesibili abuye ubabMondli makangena akucinywanga ekhishini anikine ikhanda ngoba wayehlala ebalwisa ngokulala bangacimi ugesi.

Uyazi ukuthi uthembisile ngeke asabuya kodwa lohambo okumele aluthathe luyamucasula. Ubabomkhulu wakhe uyathakatha into ayenza kumawakhe makamungena kuqeda kushona ubaba wakhe noDeliwe kanye noMongezi. Lento afuna yenzeke uyazi ingenzeka manje ufuna kunika inkosikazi yakhe okuthile, ufuna akugwinye. Makandlula egunjini likaCebi amuzwa ekhuluma afise kulalela kepha uhleko lwakhe ebusuku abone ukuthi ukhuluma ngocingo kusho ukuthi uthunjana wakhe sekaqomile na? Andlule ahambe aze angene egunjini lenkosikazi yakhe ayifice ilele nencwadi yakhe abeyifunda.

Uyazithandela ukufunda  umkakhe amoyizele athathe lencwadi ayibeke celeni bese uhlala phezu kombhede. Isithandwa sakhe acabange mzukwana aqala ukumbona ahamba nezinye izintombi bathwele amabhakede wamanzi okwamuchaza kuye ukuthi noma zihleka lezi ezinye izintombi zigegetheka yena wayemoyizela kahle. Waqala lapho ukumlandela elinde usuku azomthola ehamba yedwa. Wamulandela kwaphela izinsuku eziningi. Ngenye imini engalindele ezihambela nabangani bakhe babedlala ibhola bonke bahlangana naye ehamba yedwa.

Waba nezinhloni nje zokuthi wayempunga ngoba  bebadlalela ebhuqwini kepha wavalelisa kubangani bakhe wamulandela. Makajika ikhona la ayejike khona azange awakholwe amehlo wakhe. Aphazamiseke sekaphaphama

MamGugu:”Ukhona la?”

Athule angaphenduli

MamGugu:”Ngiyalizwa iphunga lakho.”

BabMondli:”Ngikhona.”

Avuke umamGugu amubambe umyeni  wakhe amugone amuhage isithandwa sakhe esingafuni ukuguga noma sesimuzalele abantwana. Bahagane aze azidelise umamGugu

MamGugu:”Uyazi angazi ngizumeke njani ngoba ngithukile kusukela labantwana bathi kukhona abakubonile.”

BabMondli:”Babone mina.”

MamGugu:”Kanjani?”

BabMondli:”Mangingena.”

MamGugu:”Kanjani kanti awupoki kuthi uvele uvumbuke ungabonwa.”

BabMondli:”Igazi lami ngeke lihlale lingaboni isithunzi sami.”

MamGugu:”Ohhhhhh babNkosi ngiyajabula kuthi ubuyile.”

Amuqabule

BabMondli:”Awungitshele uCebile sekanesoka?”

Athuke umamGugu

BabMondli:”Angilwi ngiyabuza nje ngoba akalelanga kuyimanje.”

MamGugu:”Unalo kodwa asikakhulumi  kahle ngiphazanyiswe ilento yokuya eNdabezitha.”

BabMondli:”Angiyithandi lento.”

MamGugu:”UCebile uziphethe kahle.”

BabMondli:”Makamuzwisa ubuhlungu lomfana?”

MamGugu:”Impilo yakhe uzokhula kanjalo, ngikhona mina noAmanda kuthi simubonise.”

BabMondli:”Kusafana angiyithandi lento.”

MamGugu:”Mondli.”

BabMondli:”Kuyimanje ingane yami kube ilele cha isocingweni.”

Ahleke umamGugu

MamGugu:”Mangabe usukhohliwe mina nawe sithandane ngineminyaka emingakhi?”

BabMondli:”Bengizimisele ngawe futhi angikaze ngikuphathe kabi nangelilodwa ilanga, selokhu sahlangana angikaze ngilale nomunye wesifazane.”

MamGugu:”Angikwazi mina lokho.”

BabMondli:”Ubuzongibamba noma usole wake wasola?”

MamGugu:”Angikaze, kodwa ngicela umuyeke uCebile.”

BabMondli:”Untshele abize lomfana ngizomubona kahle.”

MamGugu:”Uzombona kanjani?”

BabMondli:”Ubhuti ngiyamuthemba kanti nami ngizobe ngikhona.”

MamGugu:”Kulungile kodwa lokho kuzokwenzeka mangibuya eNdabezitha.”

Amuhage ubabMondli futhi amuqabule entanyeni

BabMondli:”Kumele ngihambe manje..”

MamGugu:”Ngimanzi Siwela.”

BabMondli:”Ohhhhhh Gugulami.”

MamGugu:”Ngiyakuzwa nawe uyangifuna anginandaba noma bangangizwa le eNdabezitha kuthi bengenzani anginamsebenzi.”

BabMondli:”Gugulami.”

Ma.Gugu:”Ngithe ngimanzi Siwela.”

Lawo magama amushaye ngqo emizweni yakhe asukume naye umyeni wakhe amulalise baqabulane. Bazidelise ngendlela abafisa ngayo bobabili kukho konke abakwenzayo umamGugu uyakhala, amusule ubabMondli baqhubeke baze baqede. Amulalise bese uyamuphulula.

BabMondli:”Gugulami ungavumi kungenwa uButana angifuni ngamane uzitholele omunye umuntu uma ufuna uthando.”

UmamGugu uyezwa ukuthi iyamucasula lento umyeni wakhe

MamGugu:”Ngeke ngivume myeni wami.”

Amuphulule namuhla aze amuculele ngephimbo lakhe elimnandi, uSinalo uthathe iphimbo lakhe. Amuculele aze azumeke emva kwemizuzu ewu30 ezumekile avuke agqoke ubabMondli aphume emnyango wakhe……..

## ***ISIQEPHU 55***

## ***ESIBHEDLELA***

UMihla aphaphame amangazwe umsindo angawujwayelanga acwayi cwayize kancane amehlo agcine sewavuleka. Azame kuphakamisa ikhanda yize limusinda kungene unesi.

Nesi:"Ungaziphoqi uzozilimaza mana ngibheke okuthile."

Mihla:"Ngisesbhedlela?"

Nesi:"Yebo dali kodwa ukahle manje, uqulekile ngenxa yokuthi uunencindezi ubungadli futhi."

Mihla:"Abazali bami baphi?"

Nesi:"Beka ikhanda emqamelweni sisi uzozilimaza, udokotela uyeza manje kuzokubheka."

Mihla:"Abazali bami."

Nesi:"Ubungigadise bona yini? Yenza lokhu engikutshela kona ungiyeke ngabazali engingabazi."

Aswabe uMihla aphenduke alale kahle nezinyembezi zehle, akhumbule indaba kaNsizwa. Kungene omunye umfana makamubhekisisa kahle uyamazi yilomfana omuphelezele ayogibela itekisi. Afike abeke isandla sakhe esiphongo amuyeke futhi.

"Sawubona ndlovukazi."

Mihla:"Ungubani wena usuyangilandela kanti?"

"Cha angikulandeli ngilokhu ngithunyiwe kuzokuxwayisa kuthi uhambo lwempilo yakho akumele uzikoloshele kumele ulihambe ngendlela yeqiniso."

Mihla:"Muntu weNkosi nginezinkinga zami ngicela ungiyeke."

"Izinkinga ozenzile wena usengajika uyekele."

Avale amehlo uMihla ngoba ecasuka agcine sekazumeka, aphaphame futhi emva kwesikhathi usekhona lomfana.

"Uphumule kahle?"

Mihla:"Ngicela uhambe."

"Qaphela inhliziyo yakho ngokugoba ikwenza uxoshe abantu abakahle empilweni yakho ngenxa yokujaja bese wamukela okungebona abantu okumele babe sempilweni yakho."

Mihla:”PHUMA UNGAPHINDE UBUYE PHUMA.”

Asukume umfana aqonde emnyango aphambane nomama waMihla emnyango babingelelane aphume. UMihla amoyizele makabona umawakhe afike amuhage umawakhe

MaMzobe:”Ulele njani ngane yami?”

Mihla:”Ngilale kahle mama kwenzakaleni?”

MaMzobe:”Uqulekile.”

Mihla:”Ohhhhh ngijabula ukuphaphama nje.”

MaMzobe:”Impilo ebalulekile sesi.”

Mihla:”Uphi ubaba?”

Adonse umoya umaMzobe ahlale phansi abheke indodakazi yakhe emehlweni, basabukene nje kungene udokotela abingelele amuhlole amubuze nokuthi uzizwa njani.

Dokotela:”Kusasa ngiyakukhipha.”

MaMzobe:”Ingabe kusekhona okungekho kahle dokotela?”

Dokotela:”Ngifuna ushukela wakhe wehle kakhulu ngifuna kuhlola wona ngoba kuzoba yingozi enganeni ikakhulukazi ngoba uyaqala ukukhulelwa.”

MaMzobe:”Ngiyabonga dokotela.”

Aphume udokotela umaMzobe asale abuke indodakazi yakhe akhathazekile.

Mihla:”Mama udokotela ukhuluma ngengane.”

MaMzobe:”Uyazazi Mihla ukuthi uyathandana futhi uyalala awusebenzisi nejazi lomkhwenyane.”

Avule umlomo ukumangala uMihla acabange ukuthi konje akayisebenzisanga nini icondom na.

MaMzobe:”Ngiphoxekile Mihla angisakhulumi okwababa wakho, yazi siyazi kulesikhathi samanje ontanga bakho banezingane kodwa hhayi namadoda ashadile Mihla.”

Akhale uMihla umawakhe elokhu emuthethisa

Mihla:”Ngiyaxolisa mama.”

MaMzobe:”Ukuxolisa kuzokwenza ini?”

Mihla:”Bengingazi mama ngempela azange angitshele, kodwa uzoyondla ingane yakhe ngeke ibe wumthwalo wenu.”

MaMzobe:”Ungayi kulomlisa Mihla angithi nehlukene.”

Mihla:"Kumele azi ngengane ma."

MaMzobe:"Uzokwazi kodwa ngendlela ekahle wena ubaba wakho uthe ngikutshele kuthi ungalinge ukhulume nalomuntu uzokwazi yena kuthi enze njani ngoba unenkosikazi asifuni kuchitha umshado wakhe."

Avume uMihla umawakhe ahambe amushiye elokhu ekhala ucingo lwakhe alukho kusho lwasala ekhaya kubo. Azame kucabanga okukahle angakwenza abuye aziphikise. Uyazibona kuthi uNsizwa uyimoshile impilo yakhe. Akhale lapho akhumbule nosesi wakhe amkhuza ngoNsizwa agcine sekalele futhi….

***__KWAMZOBE__***

Mzobe:"Mangabe uhluleka kuthobela lento engiyishoyo mina Mzobe ngeke uphinde ungibone ngivula lo owami umlomo ngikhuluma."

MaMzobe:"Angilwi baba mina angithi siyabonisana."

Mzobe:"Ngithi mina biza uAmanda asikhombe khabo lomfana asiyi kwakhe la ahlala khona nenkosikazi yakhe siya kuyobika lomhlolo awenzile kubazali bakhe. IIngane ami ngeke ikhulise ingane iyodwa ngoba kusatshwa ihlazo. Bazobona benzani abazali bakhe kepha thina sizobe sesibazisile."

MaMzobe:"Lomfazi makathakatha ingane yami baba sizothini?"

Mzobe:"Lokho bekumele akucabange makathandana naye manje kumele kwenzeke izimfanelo. Akeze lomfana azohlanza umuzi wami ondle nengane yakhe."

MaMzobe:"Ngiyakuzwa baba kodwa."

Mzobe:"Kodwa ini?"

Akhiphe ucingo umaMzobe ashayele uAmanda

Amanda:"Mama unjani uMihla?"

MaMzobe:"Mntanami ungakhona ukuza."

Amanda:"UMihla ukahle?"

MaMzobe:"Ukahle kodwa usasesbhedlela bangamukhipha kusasa, mina nobaba wakho sidinga wena la ekhaya."

Amanda:"Ngiyeza ma."

Aluvale ucingo umaMzobe sekakhale waze wadela ilento abayenziwa uMihla nomyeni wakhe ulaka luphakame uze uyasola umaMzobe ukuthi usola yena umyeni wakhe ngoba makakhuluma naye uvuka inja ebomvu kuthi amuhlafune manje. Aye egunjini lakhe athi uyolala kancane ngoba nazi nezinhlungu zekhanda zimushaya. Makagibela nje embhedeni azumeke. Afike uAmanda afice ubaba wakhe apheka

Amanda:"Hawu baba waba semabhodweni nje uphi umama?"

Mzobe:"Usaphumulile lento kaMihla ayimuhlelanga kahle nami ngibona ngathi ngengezile kuye."

Amanda:"Ungibizile ngenzenjani ngimuvuse noma?"

Mzobe:"Hamba uyomuvusa."

Aziqhamukele umaMzobe ezamula amoyizele makabona indodakazi yakhe endala. Bahlale kusofa uMzobe usapheka

MaMzobe:"Hawu kwanuka kamnandi ufike wabeka amabhodo na?"

Amanda:"Cha mina ngiyangena nje isoka lakho eliphekayo."

Amoyizele umaMzobe abheke umyeni wakhe.

Mzobe:"Ungajwayelike inamuhla kuphela."

MaMzobe:"Ngiyabonga baba."

Mzobe:"Ngiyaxolisa ngikhulume kabi."

Amoyizele uAmanda

MaMzobe:"Ubuqinsile baba ayikho enye indlela."

Mzobe:"Amanda lomfana waMihla uhlala kuphi?"

Amanda:"Kakhe ingale ngasesiporweni esisha."

Mzobe:"Cha sifuna kubo la kuhlala khona abazaki bakhe."

Amanda:"Ngiyazi nakhona."

Mzobe:"Siphelezele."

Amanda:"Baba ngicabanga ukuthi sibuze uMihla kuthi ngempela ukhuleliswe nguye na."

MaMzobe:"Ukhuleliswe nguye ngibuya esibhedlela akaphikanga."

Mzobe:"Ingabe ikhona inkinga kuthi uyosikhomba la esifuna khona?"

Amanda:"Cha baba ayikho."

Mzobe:"Landa isigqoko sami."

MaMzobe:”Ngizosilanda baba nami ngifuna kushintsha lokhu engikugqokile.”

Baphithizele uAmanda abhalele umyeni wakhe umlayezo kuthi ukubo.

Mzobe:”Unjani umkhwenyane?”

Amanda:”Uyaphila baba umndeni wonke uphazanyiswe ukuthi kusasa umama kumele aye eNdabezitha ubizwe inkosi yakhona. Ila akhulele khona umama kanye nomndeni kababa uhlala khona.”

MaMzobe:”Eyyyy eminye imindeni isono ukuceba nje makushona ubaba ocebile wonke umndeni uyayifuna lemali.”

Amanda:”Amacebo abo ukuthi umama angenwe ubhuti kababa.”

Mzobe:”Uzomuphatha kahle ubhuti wakhe inothando lendoda futhi izothile inesithunzi namanje ngiyazibuza kungani ingazange iganwe.”

MaMzobe:”Nezingane lezi boSinalo bafana naye kakhulu ngeke kubenzima ukuthi babe wumndeni akavume bandla uGugu.”

Amanda:”Bafuna angenwe ubhuti omncane uButana.”

Bababaze nabo balokhu bexoxa babone uAmanda sekamisa imoto phambi kwesithabathaba sendlu. Babukane  aphume uMzobe

MamZobe:”Baba.”

Mzobe:”Buyani nkosikazi.”

Behlike achofe ikinobho esangweni uMzobe balinde….

***ISIQEPHU 56***

***KWANSIZWA***

UNsizwa isonto lonke usebenzela ekhaya ngoba afuna kujabulisa inkosikazi yakhe, yize kusenzima kuDanisile kodwa sekayahleka ayeke nomyeni wakhe makamudlalisa. Izolo bebezijabulisa ngemizwa yabo. Akukho okungamuthukuthelisa kodwa kukhona ucingo olwakhala belele usazibuza ukuthi ubani lo wayemuthethisa ngoba wamuzwa amutshela ukuthi angaphinde amushayele. Acabange kushayela umawakhe kuqala uNsizwa aphume athi usayogeza yena

Nsizwa:"Qeda kukhuluma nomama ngikumele ngeke ngiphume emanzini ungakafiki."

Dani:"Hayisuka awusuthi kanti kunini ungiphendula."

Nsizwa:"Ubani ongasutha ukudla okumnandi kodwa udla noma uzizwa ukuthi ukhathele."

Dani:"Ngiyavuma nje ngoba ngifuna ingane."

Nsizwa:"Sheshake."

Dani:"Kahle wangijaha ngathi usuvukelwe kanti kusamele ngisebenze kuqala."

Nsizwa:"Ungithatha kanjani wena buka."

Akhumule ibhlukwe lakhe lonke abheke ngakuDanisile amukhombise isitho sakhe ahleke uDansile athathe umqamelo omncane okusofa amushaye ngawo. Athuke sekezwa iphimbo lamawakhe sekalubambile ucingo ugcine lusakhala.

MaKhoza:"Hayibo kanti ungishayelelani mawungakaqedi okwenzayo lapho?"

Abeke isandla sakhe emlonyeni amuhleke uNsizwa akhuphuke ayongena egunjini labo

Dani:"Ngiyaxolisa ma."

MaKhoza:"Ubufuna ngizwe ukuthi umyeni wakho uvukelwe na ntombi?"

Dani:"Hayibo ma."

MaKhoza:"Newami umyeni uyavukelwa yingakho nikhona."

Ahleke uDansile

Dani:"Ayyy mama kahle bo."

MaKhoza:"Kuyangijabulisa kukuzwa ujabulile mntanami nomyeni wakho."

Dani:”Sijabulile mama kodwa mina angikhululekanga ngihlala ngilindile kuthi angiphoxe futhi.”

MaKhoza:”Ubobeka ithemba lakho kuMdali ukhuleke, Dansile nina nilibala ukuzipenda nikhohlwe kusebenzisa lamadolo wenu. Uthi udliwa yini?”

Dani:”Ucingo lwakhe luke lwakhala ebusuku silele mama indlela ayekhuluma ngayo nalowo muntu. Njalo ngihlala ngicabanga ukuthi wayekhuluma nobani noma izintombi zakhe.”

MaKhoza:”Sesi ngeke kube lula kuthi umthembe wena uzosola konke noma sekungenalutho uzosola. Manje unawe umyeni wakho khuleka vuka uye nasenkonzweni umshado ngeke uphumelele ungenzi lutho sesi. Uyavikelwa umshado mntanami ucabanga ukuthi ngihlezi yonke leminyaka nobaba wakho abukho ubunzima.”

Dani:”Angikaze ngikunone mina ukhaliswa ubaba ma.”

MaKhoza:”Mina ngikhala eNkosini sesi yingakho nganikhulisa ngokuya enkonzweni nizokwazi ukubona ukuthi sikhona isixazululo khona. Ukukholwa akusho ukuthi konke kuzohamba kahle, akusho ukuthi umyeni wakho makanobulwane bokuganga lokho uzokuyeka ngosuku olulodwa. Cha cha ubeka ithemba lakho kuNkulunkulu uyamubonisa ukuthi wena ubhekise amehlo akho kuye akukho la ongaya khona ngoba wazi yena engumvikeli wakho. Umshado mntanami ubuya kuNkulunkulu manibopha ifindo nimema yena uyanilwela kepha maningamumemi akukho okuhamba kahle. Lokhu engikushoyo akusho ukuthi  uvume konke umyeni wakho akwenzayo okubi.”

Dani:”Ngiyakuzwa ma.”

MaKhoza:”Hambake sesi nalento beyivukile seyize yawa manje hamba uyoyicosha.”

Dani:”Maaaaa.”

Avale ucingo lwakhe umaKhoza asale acabanga lento beyishiwo umawakhe. Makazicabanga akukho yena angathi ubambelele kukho ngokholo akukho akholelwa kukho. Akhuphuke aye egunjini lakhe akhumule afice umyeni wakhe asamulindile.

Dani:”Uthanda izinqe Nsizwa hhayi sonke lesikhathi uxolela kumosha amanzi ungaphumi.”

Nsizwa:”Buya ezami phela lezinqe zithi mina lo.”

Bahleke angene kushawa naye baqhubeke nokuzijabulisa…..

***KWAKHUMALO***

MaKhumalo:"Awubheke ubani oshaya ibheli."

Khumalo:"Mhlawumbe umakoti."

MaKhumalo:"Banelimothi yabo labo abasishayeli abenzi lutho."

Khumalo:"Kumele kube nje vele sike sibakhumbule."

MaKhumalo:"Yebo baba kube yithi esiyobacasula le ngize ngibenomona kuthi indodana yami seyithanda umakoti wayo kundlula mina ngiyizala."

Sisondele isisebenzi

"Bathi abakwMzobe ubaba uhamba nabesifazane ababili, abathandanga ukusho kuthi beze ngani bathi bafuna umnumzane wekhaya."

Khumalo:"Bavulele, nkosikazi susa lebhodlela lapho mhlawumbe umfundisi nje."

MaKhumalo:"Umfundisi wakuphi singakaze silibhade enkonzweni , futhi iwayini yami uzobe ayibukani."

Khumalo:"Izamulinga phela."

Bahleke mabangena uKhumalo abone kuthi umuntu okhulile basukume babingelele baxhawulane. UMzobe ahlale phansi isigqoko sakhe asibeke edolweni lakhe babukane.

Mzobe:"Asazani ngiyazi niyazibuza ukuthi nahlaselwa abantu eningabazi kwenzenjani."

Khumalo:"Silalele mnumzane."

Mzobe:"SibakwaMzobe thina inkosikazi yami le indodakazi le engale."

Khumalo:"Lana nize emagcekeni oKhumalo lena inkosikazi yami."

Mzobe:"Mntungwa kungenzeka singaboni ngaso linye indlela engibone kuthi ikahle ngizozikhulumela yona."

Avume ngekhanda uKhumalo

Mzobe:"Nginendodakazi encane kule engihamba nayo esesibhedlela."

UKhumalo azitshele ukuthi bazocela imali mhlawumbe bayazihluphekela kodwa adidwe ukubona isikhiyo semoto esandleni saAmanda.

Khumalo:"Ngilalele Mzobe."

Mzobe:"Igama lakhe uMihlayenkosi uqulekile izolo samuphuthumisa esibhedlela kwavela lapho ukuthi ikhulelwe. Mayibuzwa yasikhoma la kwaKhumalo."

Babukane uKhumalo nenkosikazi yakhe

Mzobe:”Masilandelela kwavela ukuthi umuntu amukhombayo uganiwe yingakho ngikhethe ukuza la kubazali bakhe.”

MaKhumalo:”Hawuuuu yehheni ngenziwani nkosi yami.”

Mzobe:”Angizanga kuzonithwesa amacala endodana yenu kepha bengeke sihlale nento enjena futhi bengeke siyobika kwakhe ngoba uganiwe.”

Khumalo:”Yoooo angazi ngithini.”

Mzobe:”Nami angazanga ngithi izolo iphimbo lami ngilithole namuhla, Khumalo angifuni kuthuleke ngifuna umuzi wami uzolungiswa njengomuntu osokhulile uyakwazi okumele kwenziwe. Sesicela indlela.

Khumalo:”Mana Ngcolwane ngicabange ushilo mawufika ukuthi asilwi.”

Mzobe:”Kulungile.”

Khumalo:”Ngizokhuluma nendodana sizwe ngaye ngoba asikwazi ukuvuma icala esingalazi.”

Mzobe:”Kuyezwakala mina engikucelayo ukuthi ubuye kimi nempendulo ngizokwazi mangabe uyaphika ngizokhulisele lengane njengengane yami ithathe isibongo sami. Angisuyeke umuntu okwazi ukulandelela mawungakhona nje ngicela mangiphuma ukhulume nendodana yakho ngizokwazi kusasa mangilanda indodakazi yami esibhedlela kuthi ngilanda ingane engizoyikhulisa noma ingane ezokwaziwa kubo.”

UmaKhumalo uyakhala ucabanga ubuhlungu azobuzwa uDansile baqeda kulungisa nje, futhi uyakhumbula abona intombazanyane efana noAmanda. Bavalelise baphume azame kumuthulisa uKhumalo kodwa kufane. Asuke ashayele indodana yakhe ucingo makalubamba nje ezwe uhleko lwaDanisile ngale. Amubingelele naye

Dani:”Hi daddy K bye daddy K.”

Nsizwa:”Yewena ubingelela ubaba wami kanje bomakoti banamuhla.”

Dani:”Hhey uyathanda udaddy K uyazi naye umani akasho nje.”

Bahleke

Nsizwa:”Liyasha ibhodo.”

Kubenzima kakhulu kuKhumalo makezwa lenjabulo ephakathi kwabo kepha akukho angakwenza.

Nsizwa:”Mntungwa.”

Khumalo:”Ngicela uze la uze wedwa.”

Nsizwa:”Ngingeza kusasa baba.”

Khumalo:”MANJE.”

Avale ucingo lwakhe uKhumalo inkosikazi yakhe seyiwehlisile umoya, bahlale kuze kuphele ihora masekathi uyamushayela futhi angene.

Nsizwa:”Baba wangiphuthumisa kangaka.”

Khumalo:”Kodwa ukhetha kungilindisa ufike kudala.”

Nsizwa:”Ngiyaxolisa baba umakoti wakho ayyy.”

Amoyizele yedwa uNsizwa babukane abazali bakhe

MaKhumalo:”Wenzeni ingabe ukahle?”

Nsizwa:”Ukahle ufuna ingane nje qha.”

Ehle izinyembezi umaKhumalo asukume aqonde egunjini lakhe aziphose phezu kombhede.

Nsizwa:”Kwenzenjani baba uma ukhalelani?”

Khumalo:”Kufike abanti bakwaMzobe la.”

Aswace uNsizwa azame kuzikhumbuza ukuthi izihlobo lezo noma phela akasinakile nje isibongo sikaMihla.

Nsizwa:”Bazothini obani labo?”

Khumalo:”Bathi ukhulelise ingane yabo uMihla.”

Nsizwa:”Ini?”

Athuke uNsizwa abone nje ukuthi uMihla uqamba amanga akakhulelwanga ufuna ukumusondeza kuye.

Khumalo:”Awuyazi leyo ntombazane na?”

Nsizwa:”Ngiyayazi baba kodwa bengihlala ngisebenzisa icondom nayo ikhulelwe njani?”

Khumalo:”Uyabona izinto ozenzayo Nsizwa uyabubona ubusoka bukubekephi manje, unesibindi sokutshela mina ukuthi ubusebenzisa icondom nayo ube unenkosikazi.”

Athule uNsizwa

Khumalo:”Lalelake mangabe uyazi ukwenzile lokho ungaphiki ngoba akukho gazi loKhumalo elizozula la, uyangizwa.”

Nsizwa:”Baba ngiqeda kulanda inkosikazi yami lento izongihlukanisa nayo.”

Abuye umaKhumalo amehlo avuvukile ngaphansi bamulinde aze afike ahlale celeni komyeni wakhe.

MaKhumalo:”Asikho isidingo sokwazisa uDansile wena mangabe uyavuma inkinga ayikho sizoyikhulisa ingane nobaba wakho.”

Khumalo:”Ifihleka kanjani ingane konje?”

MaKhumalo:”Sizobe singayifihli izokhulela la kithi.”

Khumalo:”Bese sithi ingubani kumakoti ngoba uzobuza phela?”

MaKhumalo:”Icebo lizozakha noma sizothi umzukulu weshlobo sizomukhulisa sizobona masekufike isikhathi. Wena okwamanje khumbula kuthi ulalile nayo ngaphandle kwecondom nini futhi ubale ungaphiki.”

Adonse umoya uNsizwa abeke izandla zakhe esiphongo abheke phansi, wazi kahle ukuthi uMihla umufice engenamuntu.

Nsizwa:”Ngiyaxolisa baba nomama.”

Khumalo:”Fuseg xolisa ini sitshele impendulo nje esiyifunayo.”

Nsizwa:”Eyami ingane kaningi sihlangana singasebenzisi icondom"

Asukume uKhumalo anxaphe aqonde egunjini lakhe

MaKhumalo:”Ngiyazibuza ukuthi mina ngenzani kulomhlaba ukuthi uzalo lwami lubole njengawe.”

Amushiye naye umawakhe asale novalo lumushaya makacabanga ukushiwa umkakhe cha ngeke kulunge. Lento eshiwo umawakhe ikahle akukho futhi ozokwazi kanti abazali bakhe ngeke bamumoshele umshado wakhe. Kukhale ucingo lwakhe alubheke

Nsizwa:”Mamakhe.”

Dani:”Konke kuhamba kahle ekhaya?”

Nsizwa:”Yebo sthandwa sami kumayelana nezinto zesitolo ungakhathazeki.”

Dani:”Sheshake babakhe iqanda selikulindile.”

Amoyizele uNsizwa

Nsizwa:”Mangiqeda nje nobaba ngiyeza sthandwa sami.”

Dani:”Mawuqeda ebusuku ulale  myeni wami uyazi angifuni ushayele ebusuku.”

Nsizwa:”MaKhoza ngiyakuthanda.”

Dani:”Mmmmm ngikuphakele kamnandi neh.”

Nsizwa:”Awuyeke ukubheda hawu.”

Dani:”Ngiyakuthanda nami myeni wami.”

Bavalelisane ahlale acabange uNsizwa lesimo akuso naye akafuni ingane yakhe izule ngathi ayinayise kodwa makacabanga inkosikazi yakhe ufikelwa uvalo…..

***ISIQEPHU 57***

***KWANKOSI***

Usuku lokuya eNdabezitha bavuke bonke ekuseni ngoba kumele bahlangane nenkosi ngehora leshumi ekuseni. Balungise bonke baphelezela umawabo, uAmanda yena uthe uzosala kubo ngoba nakhona uyadingeka ngenxa yesimo sikasesi wakhe.

Nathi:"Sinalo."

Sinalo:"Bhuti."

Nathi:"Bheka ubabomkhulu ukuthi sekaqedile na kumele sihambe."

Deliwe:"Sisi uzongithola ngale ngisayothatha amanzi ngiyakwazi awuwathandi amanzi aseNdabezitha."

Angaphenduli umamGugu uzicabangela lomkhuba awenza nomyeni wakhe makamuvakashele ebusuku. Wahamba athembisile ukuthi ngeke asabuya kodwa uphinde abuye. Izolo nje umukhumbuze izinto ayemuzwisa zona basakhula bacashe ebumnyameni, abakaze bazithokozise ekukhanyeni. Amoyizele yedwa uDeliwe aphume ayolungisa umphako.

Deliwe:"Uphi ubhuti?"

Nathi:"USinalo uyobheka yena."

Bonke sebalinde ubabMongezi umawabo uqedile ukuthi usazicabangela nje.

Cebi:"Sizohamba kanjani vele bhuti."

Nathi:"Sizohamba ngecaravel angifuni sifike le ngokushiyana."

Abuye uSinalo yedwa

Sinalo:"Akekho ubaba ngale akabonisi nokuthi ulale khona."

Nathi:"Nguyena ongakwazi kubeka lomndeni wakhe endaweni."

Aqhamuke umawabo nesikhwanyana sakhe ilokwe elimnyama aligqokile liyamubamba lide lishanela phansi. Ehlombe wabeka idukwana nalo elimnyama elincane, ekhanda uthwele okumnyama neqhumela limnyama.

MamGugu:"Asambeni uphi ubhuti?"

Sinalo:"Asimazi akekho ngale endlini yakhe."

MamGugu:"Hawu ubhuti akakwazi ukungishiya eweni ngalohlobo."

Nathi:”Nami bengisho njalo ma angithi awufuni mangimelana nabo.”

Deliwe:”Eyyy Gugu sahlukumezeka kakhulu kulela lizwe ikakhulu yena ubhuti konke bekakuthwala kuthi mina noMondli siphephe.”

MamGugu:”Ngiyazwisisa kodwa siyamudinga.”

Cebi:”Mina angithandi umkhulu indlela akhuluma ngayo naye angimusoli nje ngoba angahambi.”

MamGugu:”Nami ngaze ngaphelelwa amandla angisafisi nalokho kuhamba.”

Nathi:”Cha asambe mama sikhona sizokweseka ubabMongezi abeshilo kuthi sihambe nawe.”

Bahambe bayogibela emotweni abahamba ngayo uvalo luyamushaya umamGugu.

Deliwe:”Gugu ungavumi into ongayifuni.”

MamGugu:”Uyazi ubhuti wakho wake wangixoxela kuthi ngendlela ubabomkhulu ethakatha ngakhona angakwenzisa into ungaboni.”

Deliwe:”Yena unjalo yikho nje engicabanga ukuthi wakwenza kumama ngendlela ayiyo aphinde amuhlukumeze.”

Sinalo:”Umuhlukumeza kanjani anti?”

Deliwe:”Wayemushaya yoooo aze amushayele ukuthi yena uhalele inkomo umama amunike inkukhu.”

MamGugu:”Yingakho abengamufuni kanje uMondli.”

Deliwe:”Yazi kukho konke ngibonga uMongezi wayengalali asigadile, ubhuti unendlela yakhe aye khona kuyenza kugobisa lobuthakathi bakhe angazi nami kanjani.”

MamGugu:”Eyyy asazi sesiyobona kuthi kwenzekani la esiya khona, kodwa ngiyanicela zingane zami uma ningibona ngathi sengiwuvuma zonke ninginqabele ningithathe ngenkani uma kufuneka lokho.”

Sinalo:”Khululela ma.”

Nathi:”Usafuna ukuya ethuneni lababa?”

MamGugu:”Yebo ndodana.”

Ayiqondise emathuneni uNathi bafike behle  mabema nje ethuneni lakhe kubekwe izimbali eziqhakambile. Izimbali ezifanayo nalezi ezihlanyelwe kubo ezithandwa ubabMongezi.

Nathi:”Ubaba abela.”

Deliwe:”Ngicabanga kanjalo nami.”

Sinalo:”Noma usela.”

MamGugu:”Nazi ngani kuthi ubhuti ozibeke la?”

Deliwe:”Izimbali zabo vele.”

Bakundlulise lokho banike umamGugu ithuba lokukhuma nomyeni wakhe makaqeda asukume bahambe.

Nathi:”Ngiyajabula mama ngoba awusakhali kakhulu manje.”

Asuse imoto uNathi uSinalo abheke emuva amubone ubabMongezi abecasha ngesihlahla. Angasho lutho ngoba uyabona akafuni kubonwa, amubheke naye abheke imoto ize isithele. Bahambe uSinalo elokhu ezibuza ukuthi kwenzakalani ngobabMongezi noma abesaqhubeka aphuza na afihlela umndeni.

Emva kwamahora amane bafike

***EBUKHOSINI ( ENDABEZITHA)***

Cebi:”Mama vuka sesifikile.”

Deliwe:”Ubani isikhathi vele?”

Nathi:”10:10."

Deliwe:”Wuuuuu uzasibangela umsindoke ubabomkhulu.”

Behlike emotweni bazibike esangweni bavulelwe bangene  bakhonjiswe la bazohlala khona. Mabangena ubabomkhulu uhlezi, uButana, uSmangela kanye nomamezala wamamGugu. Bababuke mabangena balandelana  nezingane zakhe  bayohlala kolunye uhlangothi. UCebi ahambe ayohaga ugogo wabo, amulandele uSinalo noNathi bese bayohlala celeni kwamawabo.

Anikine ikhanda ubabomkhulu kepha angasho lutho, ingene inkosi ilandelwa inkosikazi yayo. Ingakhulumi ibabuke bonke ngamunye ngamunye into esekhathaza umamGugu ukuthi ibukeka isencane lenkosi mangabe kukhona abamuphe khona nje kuthi akhohliseke.

Ndlovukazi:”Ngiyanibingelela mndeni wakwaNkosi, siyajabula ukuba nani futhi siyathemba nizosizakala ngenkinga eninayo.”

Bavume

Ndlovukazi:”Inkosi icela nizazise.”

Kusukume ubabomkhulu wabo

Babomkhulu:"Ngiyabonga ndlovukazi yami ngizoqala ngapha kimi lona inkosikazi yami , bese kuba izingane zami uButana  kanye noSmangela. Ngale umakoti lona inkosikazi yendodana yami le eqeda kusishiya emhlabeni, indodakazi yami endala le uDeliwe kanye nabazukulu"

Ahlale phansi inkosi ithulile iyababuka bonke

Ndlovukazi:"Ngicela osilethele lodaba achaze kuthi kungani sila."

Babomkhulu:"Nkosi yesizwe njengoba nazi ukuthi indodana yami iqeda kushona manje ngokosiko umfelokazi wakwaNkosi akavunyelwa ukufulathela amagceke wasemzini. Kumele angenwe omunye wobhuti bomufi manje nakhula esikhona uyanqaba umakoti. Thina sizocela inkosi isisize kwenzeke isiko ngoba  malingenzeki akukho okuzohamba kahle kulomndeni."

Ndlovukazi:"Makoti ingabe kukhona ofisa kukusho?"

Asukume umamGugu azilungise ilokwe lakhe

MamGugu:"Ndlovukazi yesizwe ngiyabonga ithuba, mina ngiyalwazi usiko ngatshelwa ngalo mangifika kulomndeni. Manje into engiyinqabayo ukuthi uButana lo abafuna kumngenisa kimi uphila impilo yobudlova. Ulisoka ngisho nezingane ezilingana nalothumbu wami."

Asukume ubabomkhulu

Babomkhulu:"Makoti makangashada uzoshintsha ahambe ngendlela lezinto azenzayo akekho umfana ongazange azenze usaphethwe ukweyisa kokuthi akakashadi kodwa manje sengikhulumile naye wathembisa kushintsha okunye uyazithanda izingane zamfowabo."

Ndlovukazi:"Makoti ubabezala wakho umzwile impendulo yakho ithini?"

MamGugu:"Impendulo yami isafana ndlovukazi ngiyanqaba."

Kuthuleke inkosi isakhuluma nendlovukazi kodwa abezwa okukhulunywayo.

Ndlovukazi:"Inkosi ithi iyanizwa nobabili icela abazokhulumela umndeni kini nobabili ngapha icela umama bese ngapha icela izibulu."

Baqale bashwebeze nomamezala kamamGugu bese uyasukuma abingelele.

Mamezala:"Nkosi yesizwe ngiyabonga ithuba mina engikubonayo ukuthi umakoti akukho okumele.akucabange leli isiko atshelwa ngalo naye mhla afika ngamanye amagama singathi into ayithembisa kwayena kuthi uzoyenza. Nakhu mina ngila umyeni wami wokuqala wangishiya azange ngisishiye isibongo ngoba besengizele izingane ngihlalile ngangenwa ubhuti womyeni wami kwaphinde kwavela ezinye izingane umndeni waqhubeka ngothando. Makoti ekuqaleni kuyathusa kepha mawuzazi ukuthi wena washiya umuzi wabazali bakho wathi uzogana uzohlonipha kwenze lokhu, ngiyabonga."

Ahlale phansi ugogo bese kusukuma uNathi naye abingelele

Nathi:"Nkosi yesizwe nendlovukazi yesizwe thina njengezingane zikamufi asizami ukuphikisa isiko, esikwenzayo ukugcina injabulo kamawethu. Mina njengenkosana yakhe ngeke ngivume umama ayohlala noButana ngenxa yempilo esheshayao ayiphilayo. Lomuntu uqonyiwe sonke isigodi le uhlala aphuza uzomunakekela nini uma. Okunye sibadala thina mina ngiganiwe laba ababili bayaqeda enyuvesi bazosebenza kungekudala manje iziphi izingane azosiza umama ngaso. Ugogo makangenwa ngendlela engizwa ngayo bobaba bebesebancane basadinga kukhuliswa nothando lwabazali bobabili thina siyazwisisa kuthi ubaba akasekho. Okunye uButana asimuthembi wacishe wadlwengula ingane, amushade njani umawethu.

Asukume umkhulu wabo

Mkhulu:"Nithi anifuni umawenu ahlale kulesibongo kepha usenesoka nangu uButana wafika emabokoboko ashawe isoka lamawenu ngoba angafuni asondele kumawenu, kumele sihlale sibona ukuthi isibongo siyamosheka."

Babukane ukumangala

Nathi:"Cha ayikho leyo mkhulu."

Mkhulu:"Ayikho uButana ngamuletha la enkosini azomubona."

Nathi:"Angiphiki kuthi washawa kodwa azange ashawe isoka likamama."

Nkosi:"Washawa ngubani?"

Bathuke ngoba seloku bangenile abakalizwa iphimbo lenkosi

Nathi:"Washawa yimina."

UmamGugu abheke uNathi athuke bazofuna kumuphanisha bandla sekathwala icala lababMongezi.

Nathi:"Washawa yimina ngoba wayephathaphatha umama angafuni amubamba namabele."

Smangela:"Unamanga Nkosnathi wena lomfazi sekakufundise amanga yazi kuncono kube ukhulelel kumawakho wangempela sekakufundise amanga."

USinalo noCebile babhekane kwehle izinyembezi kumamGugu babuke nomfowabo asukume umamGugu.

MamGugu:"Kungena ngani lokho Smangela wena kukuhluphe ngani."

Nathi:"Kulungile mama ungahlala phansi anti kudala uhlohloloza lawo magama ezindlebeni zami kusukela ngikhula ungitshela ukuthi angizalwa ngumama well lalelake. Ngiyazi ngiyakwazi lokho."

UmamGugu athwale izandla zakhe ekhanda ngoba wazi ukuthi uNathi wazi yena angumama wakhe.

Nathi:"Akangizalanga kepha uthando lwamama ngilwazi ngaye ungikhulisile ngiyamuthanda angikaze ngimubone engasiye umawami futhi ngeke ngimushiye ngendlela wena ofisa ngayo. Nisibize la nithi nifuna kuhlanganisa lomndeni kepha nizokhuluma izimfihlo zawo lokhu akungeni ndawo kulento esiyizele."

Sekathukuthele uNathi manje uyavevezela kuthuleke inkosi isababukile kusukume uButana azithobile ungaphika kuthi nguyena.

Butana:"Nkosi yesizwe yimina uButana oqokwe yidlozi kuthi ngingene inkosikazi yomfowethu. Ngiyaxolisa emndenini kabhuti ngizimisele futhi ukuba wubaba oqotho kubo. Zingane zabhuti ngiyeke konke okubi ngoba sengizwe kuthi kumele ngiqhubekise isibongo sethu kanye nomawenu. Ngizomunakekela ngakho konke enginakho ngiyazi ubhuti abemuthanda nami ngizoqhubeka lapho."

Asondele ngakubo isandla esisodwa sibumbe inqindi ngathi kukhona esikuphethe afike phambi kwamamGugu aguqe amubambe izandla zombile aziphulule avale amehlo adonse umoya makawavula abukane noButana. Amoyizele  umkhulu wabo, uSinalo asuse lezandla ezibambe umawabo kepha kufanele nje ngoba sekayamoyizela uzizwa sekamuthanda ngenye indlela. Konke lokhu kwenzeka inkosi ibukile.

Asukume uButana ayoma phambi kwenkosi afike agobise ikhanda.

Butana:"Phambi kwakho nkosi yesizwe nomndeni wami ngiyafunga ngiyagomela ngithi inkosikazi kamfowethu mayingangivumela ngiyingene ayisoze yalala ikhala impilo yayo yonke. Nganayi indandatho ngicela ingishade  ngicela ivume kuthi ngibe umyeni wakhe."

Asukume umamGugu babukane abantwana bakhe kanye no anti wabo, amoyizele umkhulu wabo injabulo. Ayoma phambi kwaButana babukane emehlweni uDeliwe asukume makabona lokhu namanzi aye phambili. Amunike kuthi aphuze asukume uSmangela azame kumuphuca lawo manzi. Angabanaki umamGugu phambi kwakhe kunoButana abengamunakile sonke lesikhathi. Amubambe ngesandla uButana anganqabi umamGugu asondeze izindebe kuthi amuqabule

BoNathi:"MAMA."

Abhekise ikhanda ezinganeni zakhe uButana amubambe esilevini kuthi abheke yena aphinde asondeze izindebe zakhe kuye makasathi uyamuqabula nomamGugu sekavale amehlo. Kuvuleke umnyango unogada ulandelwa omunye ngemuva bonke babuke khona kungene ubabMongezi.

BabMongezi:"Nkosi yesizwe ngicela ukungena ngiyilunga lomndeni."

Acasuke umkhulu wabo ahluleke nokufihla uSinalo abuke ugogo wabo amubone edonsa umoya ngathi uyakhululeka.

Nkosi:"Ungubani?"

BabMongezi:"UMongezi Nkosi inkosana yalomndeni ngingowokuqala kumama nobaba ongasekho emhlabeni. Ngiyaxolisa ngokufika emva kwesikhathi ngiye ngabambezeleka emgwaqeni bekunengozi yemoto."

Bamubuke ubabMongezi  akanako ukusaba ugqoke nezicathulo zamfowabo azicelela zona wamunika umamGugu. Abheke umkhulu emehlweni  ubabMongezi nomkhulu amubheke bese ubheka umamGugu noButana amehlo akhe ahlale kulezandla ezibambene. Anhlanhlathe asondele kubo azihlukanise lezandla aphulule ezamamGugu amangake naye kuthi waba phambili ufike nini.

BabMongezi:"Umndeni wami ukhala ngokuthi usisi angenwe ngoba kuyisiko kepha indlela abenza ngayo ayikho kahle, ihlangene nokusebenzisa umuthi phakathi."

Smangela:"Ayikho wena into ozoyikhuluma enomqondo ngoba uyisidakwa nje ubone bani ephethe umuthi la."

Nkosi:"La kusenkundleni yobukhosi angeke ngivume kuthi kubizwane ngamagama ayiziswana. Xolisa kumfowenu ngoba indelelo le oqeda kuyenza."

Smangela:"Ngiyaxolisa."

Nkosi:"Qhubeka nkosana yomndeni."

Mangabe kuwusiko lolu inkosikazi kamfowethu bekumele angenwe yimina."

Babukane bonke kumangale ngisho izingane ngoba azange kezicabange ukuthi ubabomkhulu wabo angaba nalowo mqondo. Adumale makababona indlela abayiyo ebusweni kodwa abhekise amehlo kumamGugu osongathi udidekile.

BabMongezi:"Nkosi yesizwe izingane zamfowethu mangabe zidinga ubaba ngikhona mina kudala ngiwubaba kuzo ngisho kusaphila umfowethu. Ngisondelene nabo bonke ngiyazi okwenzeka ezimpilweni zabo. Lo wentombazane kusukela amuncane yimina ngangimubhalisa umsebenzi wesikole angafuni muntu. Lo amlamayo ubaba wabo wayebiza mina makaphuma endleleni abaleka esikoleni, omdala yimina lo engangihola abantu bayomulobolela. Uma lento imayelana nezingane ngikhona mina. Ngime la phambi kwakho ngingakutshela okwenzeka ezimpilweni zabo namanje uButana akazi lutho. Emasontweni ambalwa andlulile wacishe wadlwengula intombazane engalingana noCebile."

Bahhumuzele umkhulu acasuke

Nkosi:"Ngiyakuzwa kodwa manje mawungena ngibone ngathi bayathandana indlela ababukana ngayo"

BabMongezi:"Usiko lolu alwenziwa ngothando uke wabona bani athanda umfowabo myeni wakhe. Gugulami."

Ahlahle amehlo umamGugu ngoba uzwe iphimbo lomyeni wakhe kumfowabo kuze kuphume nonyembezi olulodwa.

BabMongezi:"Gugulamfowethu kudala ngiwa ngivuka nomndeni wakho nawe uyakwazi lokho angisho ukuthi ngikhokhele manje kepha ngithi makwenziwa losiko alwenziwe ngendlela ekahle. Zindala izingane zakho azidingi baba kodwa uma kusagqizelelwa kuthi akuqhutshwe usiko kulungile kodwa lolo siko luzoqhutshwa yimina lo Mongezi. UButana yingane enezingane yonke lendawo akukho kuthula azokuletha emzini kabhuti kodwa uzoletha isiphithiphithi. IGugulami lisakhalela umyeni wakhe kumele ayekwe noma kungaphela iminyaka aze azizwe yena ngaphakathi ukuthi sekamuzilele umyeni wakhe hhayi lento enziwa yona."

Nkosi:"Nkosana wena ngokubona kwakho mangabe umakoti akafuni ukungenwa awunayo inkinga kepha uma umndeni uqinisa kuthi akangenwe nguwena okumele umngene, usho njalo?"

BabMongezi:"Yebo nkosi yesizwe."

Akukho okungachaza intukuthelo ekumkhulu Nkosi kanye noSmangela uNathi,Sinalo kanye noCebile badidekile bona. UmamGugu kusankenteza lephimbo alikhiphile ubabMongezi makathi Gugulami. Uyakhala kangangokuba izingane zakhe zifuna kumthulisa kepha ukude nazo. Ahluleke ubabMongezi alule isandla sakhe asamukele umamGugu amuhole ayomuhlalisa celeni kwezingane zakhe. Angazibheki izingane zamfowabo ngoba uyawezwa amehlo azo akuye. Makaqeda asuke ayohlala buqamama yedwa.

Nkosi:"Kukhona abezayo umndeni kamakoti ngiyakholwa kuthi nabo kumele babe novu kulendaba ngoba ingane yabo le. Sizothatha ibreak yehora bese siyaqhubeka angifune msindo la. Umakoti mamNkosi ngiyabona awukho kahle indlovukazi izokubonisa igumbi ozoziphumulela kulo uzovuswa emva kwehora. Akekho ovumelekile kuya kulelo gumbi ngaphandle kwendodakazi yakho encane ngoba nayo ayikho kahle, asambe Enhle."

Isukume inkosi nendlovukazi nabo basukume babonise ukuyihlonipha izisebenzi mazizothatha umamGugu amubuke ubabMongezi naye abheke la ahlezi khona amehlo ahlangane abheke phansi ubabMongezi……..

***ISIQEPHU 58***

***KWAKHOZA***

Khoza:"Indodana yakho ayivuki namuhla na ngifuna kukhuluma nayo?"

MaKhoza:"Mhlawumbe unesivakashi."

Khoza:"Ngathi awuyithandi lengane nkosikazi."

MaKhoza:"Cha ngiyayithanda baba kakhulu futhi kodwa angifuni babone, yazi sake sahlangana nayo sifelwe iloli uyakhumbula mhlazane ngiwisa intombi yaLwazi?"

Ahleke uKhoza

Khoza:"Ngenkathi ukhalela amanzi asemzini?"

MaKhoza:"Ngizayeka kanti ngingakuxoxeli ngoba uyangihleka."

Khoza:"Phephisa nkosikazi."

MaKhoza:"Emva kwaleso sigameko sahlangana naye wangipha amanzi wakhe waze washiya nesigubhu sakhe. Inobuntu lengane ikhuliswe kahle futhi iyamazi umuntu. Bazohlala kahle benoLwazi."

Khoza:"Nawe umukhulise kahle uLwazi yazi ngangihlala nginovalo kuthi ngeke umamukele kodwa nakhu ngisaxolisa nanamuhla nkosikazi yami."

MaKhoza:"Kade kwandlula lokho baba manje asihlale silinde abazukulu, buka kumnandi kanjani nje ngoba sivakashelwe uNozibusiso kunohleko nomsindo."

Khoza:"Ngize ngifisa ngathi angamukhohlwa ugogo wakhe."

MaKhoza:"Baba yazi kumele uzixolele bona ezami izingane zigcwele izinkalo angizazi nokuthi zihlala kuphi ngoba amakhosikazi abo awasidingi. Nangu ozosiqoqa nenkosikazi yakhe uyabona izinto ezenzeka kulomhlaba ukube ngangimuhlukumeza uLwazi kanti nguyena ozohlala nami anginake. Yazi intukuthelo ayenayo mhlazane leya ntombazane ingiwisela phansi ngabona ukuthi ingane yami le noma kungathiwani, futhi ngibonga nokuthi ayifani nakancane nonina ifana nawe."

Khoza:"UNkulunkulu usazokubusisa nkosikazi kakhulu futhi uzophila ngenxa yalenhliziyo yakho emnene enhle ngiyohlala ngikubonga njalo."

Angene uLwazi uhamba ngomzimba nesikhindi abingelele bamubuke

Lwazi:"Ngathi beningihleba nje nathula mangingena."

MaKhoza:"Uyasiphaphela sofuna sikhulume izindaba zethu phambi kwakho."

Khoza:"Yazi uyasibhedela nkosikazi nangu umfana, namuhla akusetshenzwa?"

Lwazi:"Umzimba wami ukhathele  ilamasaka amalahle."

Khoza:"Ukhonile kodwa ndodana ukufaka lenani abalifunayo?"

Lwazi:"Ngawahambisa wonke baba namuhla bakhokhile  kumele ngiyobheka iloli entsha ngilahle lesikorokoro.'

MaKhoza:"Wazithola zisekhona izisebenzi zingakashayisi?"

Lwazi:"Zasezishayisile kumele ngiyokhuluma nabo nje kuthi lomkhuba wabo wolungababambi ucingo mangibadinga bazolahlekelwa umsebenzi."

Khoza:"Manje wasebenza wedwa wagcwalisa iloli?"

Asukume uLwazi

Lwazi:"Ngasizwa uCebile nobhuti wakhe nentombi yakhe."

Uphendula uyobheka indodakazi yakhe kuthi isalele na basale babukane abazali bakhe

MaKhoza:"Kudala ikhala indodana yethu baba manje kuyabonakala ukuthi uNkulunkulu uyisula izinyembezi nangomndeni okahle. Balungile labantu mina sengifuna ukubhala incwadi manje, noma sibathumelele umlayezo ngocingo kuzoshesha."

Agegetheke uKhoza

Khoza:"Wake wakubona kuphi lokho nkosikazi kahle bo."

Abuye uLwazi bathule futhi

Lwazi:"Niyaphinda futhi kanti ningifihlelani?"

MaKhoza:"Uyakhumbula lentombazane eyayishova ibhayisikili siphukelwe iloli yaze yangipha amanzi ngalesiya sigubhu."

LwZi:"Ngiyayikhumbula."

MaKhoza:"Azange uyibone kahle ilentombi yakho uCebile."

Acabangisise uLwazi amoyizele masekakhumbula kahle asukume aphume achofoza ucingo lwakhe amushayele angabambi ezwe emuthanda kakhulu uCebile maye unobuntu inhlonipho ayebheka umawakhe ngayo. Kume imoto esangweni ayibuke kwehlike ubhuti wakhe ongumfundisi kanye nenkosikazi yakhe ehamba ngeqhumela elide aze azibuze uLwazi ukuthi uhamba njani. Asondele sekamoyizela baxhawulane

Lwazi:"Haaawu madoda bhuti akusabikwa na."

Msizi:"Hawu suka hamba uyogqoka wamodela ngezimbambo nje kwenzenjani , usalwa namasaka namanje awubuke izifuba zingakanani."

Basho phezulu ngohleko inkosikazi yakhe ifike ibingelele nayo uLwazi akayithandi inkosikazi yomfowabo kepha akekho owaziyo.

Rose:”Unjani Lwazi?”

Lwazi:”Ngiyaphila.”

Msizi:”Liphi lekhehla nesalukazi?”

Lwazi:”Bakhona la endlini babukene emehlweni.”

Msizi:”Namanje basakwenza lokho?”

Ubuza uyahamba uqonde endlini asale uRose abheke uLwazi lento eyenza uLwazii angamuthandi. Azilume udebe lwakhe lwangezansi olugcotshwe lwaba bomvu abheke umyeni wakhe makezwa umsindo endlini abone ukuthi akekho ongabheka ngaphandle.

Rose:”Namanje kusenjalo mangikubona.”

Lwazi:”Mxm.”

Makafulathela azame kumuthinta kodwa ahambe uLwazi ayongena egunjini lakhe elokhu ezama kushayela isthandwa sakhe singabambi agcine sekamuthumelela umlayezo.

Lwazi:*Ngiyathemba konke kuhamba kahle  lapho nawe ukahle ngicela ungishayele mawuthola lomlayezo ngiyakuthanda.*

Ageze ngale endlini umaKhoza ujabule into engachazeki indodana yakhe isekhaya, kudala yagcina ukuza.

MaKhoza:”Msizi ndodana kunini umama akukhumbula.”

Asondele amuqabule isihlathi nasekhanda

Msizi:”Uyabonake ma ngizobhunguka futhi.”

Khoza:”Ndodana kusho ukuthi wena wabalekiswa umawakho?”

Msizi:”Eyyyy baba awazi.”

Bahleke bonke

MaKhoza:”Unjani kodwa makoti?”

Rose:”Ngiyaphila.”

MaKhoza:”Iyanithanda lendawo enihlala kuyo awubheke nikhanya kanjani.”

Msizi:”Ufuna ukuthi ngimunyama mama?”

MaKhoza:”Uzalwa yimina wena ngiyakwazi umnyama.”

Bahleke futhi  kungene uLwazi  sekagqokile waphola, uRose amubuke futhi abheke naleshort ayigqokile kuthi iyamukala ngaphambili aphambanise imilenze yakhe.

Msizi:”Ndoda namanje usancela uphi umakoti?”

MaKhoza:”Ungaqali usukele ubhuti wakho omncane.”

Msizi:”Umama ngeke alokhu aphekelana nawe sowuyindoda engaka thatha ndoda.”

Lwazi:”Wena uyaphakelwa na ngoba uganiwe?”

Msizi:”Phela ukuganwa akusho ukuthi kumele uhlale uphakelwa nokunye.”

Kuqhamuke uNozibusiso ayohlala kubaba wakhe

Lwazi:”Nangu ubabomkhulu mubingelele.”

Msizi:”UNozibusiso lo osokhule kangaka?”

MaKhoza:”Nguyena.”

Msizi:”Ufana noSabatha uyamubona baby?”

Rose:”Angikwazi mina ukubona abantwana bonke bayafana kimi.”

Lwazi:”USabatha?”

Ubuza kanje uLwazi ngoba abamazi la uMsizi yena ucabanga ukuthi uyaziwa.

Msizi:”Yebo uMholi usamufihlile namanje inkosikazi  yakhe ayazi ukuthi unengane ngaphandle yentombazane.”

Bamangale babukane bona bayaqala ukuyizwa le abayazi.

Khoza:”UMholi unengane wayifihla?”

Msizi:”Awu baba mina ngicabanga ukuthi niyazi.”

Akhiphe ucingo lwakhe uKhoza

Msizi:”Uzoxabana nami uMholi baba ngicela ungamushayeli.”

Khoza:”Awungiyeke angithi niyafana wena wathatha nangu umfazi ngaphandle kwethu. Namanje awunayo ingane yingoba wenza izinto ngendlela yakho uzitshela ukuthi ungumfundisi, ngiyeke.”

Kuthuleke achofoze ucingo lwakhe uKhoza alubeke endlebeni  athi angaluphendula nje uMholi amuthethise.

Khoza:”Lalela la ngifuna lithi lishona elanamuhla ube ukulamagceke.”

Mholi:”Hawu baba ingabe…”

Khoza:”Hhey ungangibuzi amanyala ngiyakubiza ngifuna manje Mholi uyangizwa?”

Mholi:”Ngiyakuzwa baba.”

Khoza:”Uma ungezi namuhla wazi ukuthi kimi uzokufa ngizophila ngathi awusiyo indodana yami.”

Aluvale uKhoza ucingo lwakhe asukume abheke uMsizi aze amukhombe ngentukuthelo.

Khoza:”Wena ngiyazi uze la ngoba unenkonzo noma kukhona la obizwe khona awuzelanga thina. Namuhla ungahambi uyalala la.”

Msizi:”Baba ngempela uqinsile kukhona la esiyokhuleka khona namanje besindlula.”

Khoza:”Anginamsebenzi nalokho ungaphumi ngalesango waze waphuma Msizi kimi ufile uyangizwa. Uzohlala la ulinde umfowenu afike ngikhathele yinina. Nahlula noma umawenu enibiza ekhala ngigula uLwazi naye angasazi enze njani nina bobhuti bakhe abadala ningatholakali. Uze uphume ngalesango wazi ukuthi kuphelile.”

Abafulathele uKhoza aqonde egunjini lakhe uyavevezela ukwenza kwamadodana akhe. Uyazibuza mangabe kukhona okubi abenza kona noma kanjani. Bahlale uMsizi aphume nocingo lwakhe ashayele la ekumele aye khona abazise ukuthi abasakhoni ukuphumelela nenkosikazi yakhe. Makabuyela endlini uLwazi nangu uyamulandela bahlale ngaphandle.

Lwazi:”Kwenzakalani vele ngoba ningathandi ukuza ekhaya?”

Msizi:”Mina akusiko lokho ukuthi enkonzweni asihlali endaweni eyodwa siyashintsha namanje sibuya eNigeria sihlale unyaka. Ayikho impelasonto esingekho matasa ngayo.”

Lwazi:”Yingakho ninganabo abantwana?”

Msizi:”Mina ngiyazifuna noma ingaba yodwa kodwa uRose akayifuni uthi ingane ngeke ithole imfundo kahle ngalokuzula.”

Lwazi:”Wena awukuboni lokho?”

Msizi:”Ngeke sihlulwe ingane eyodwa ngoba endaweni sihlala unyaka akufani nokukhipha ingane phakathi nonyaka. Nguye nje ongafuni kumosha unzimba wakhe.”

Lwazi:”Izinto phakathi kwakho noRose zikahle yonke indawo?”

Amubheke uMsizi amoyizele

Msizi:”Azikho kahle yena ucabanga ukuthi angiboni lutho kodwa ngoba angifuni ukushintsha abafazi ngikhulile Lwazi yingakho ngihlezi nje naye.”

Lwazi:”Uthando alusekho?”

Asukume uMsizi alunguze abuye azohlala phansi

Msizi:"Ngiyazi lento ahlala akwenza yona, ngiyazi ukuthi wake wakungenela egunjini lakho unqunu wakubamba isitho sakho."

Abenamahloni uLwazi abheke ubhuti wakhe ngamehlo acela uxolo

Msizi:"Ngathula ngoba ngifuna ukubona ukuthi ungathembeka kimi na nakhu awukaze umuvumele ngiyazi uyakuhalela."

Lwazi:"Ngiyaxolisa bafo."

Msizi:"Akulona iphutha lakho."

Lwazi:"Akusiyo impilo lena bhuti kungani ungayeki konke nje ubuye uzozivulela inkonzo yakho ngapha."

Msizi:"Inkonzo idinga unkosikazi ohlakaniphile ngeke ngikhone ngedwa, kodwa angijabulanga Lwazi kakhulu."

Lwazi:"Yazi ngiyacabanga uNkulunkulu owenze kuthi ningatholi bantwana ninoRose ngenxa yesimo somshado wenu. Yekela lesifebe ngoba ukuphuca isithunzi nje. Mangabe lento uyayenza nakwamanye amadoda uyadeleleka mina angiyithandi inkosikazi yakho bafo."

Msizi:"Ngiyafuna ngikholwe kukhona umfana bekasebenza engadini kulendlu besihlala kuyo naye abemenza nje. Wagcina alala naye kusukela lapho vele umfana wami akavuki akaphakami nakancane noma angahamba nqunu phambi kwami kuyala."

Lwazi:"Hayibo uke wazama kufuna usizo?"

Msizi:"Angikaze ngoba nami angisafuni kulala naye sinezinyanga ezintathu sibuyile , zonke lezinyanga akuvuki."

Lwazi:"Kusho ukuthi manje uyenza nje?"

Msizi:"Ngenzela abantu nokuthi angikwazi ukuvele ngihlukane nenkosikazi ngingenabo ubufakazi ngizoyehliswa ebufundisini."

Lwazi:"Angisuye umuntu owazi izinto zesonto kodwa ngingasho ukuthi lokhu okuphilayo manje emshadweni wakho akakufuni uNkulunkulu phila impilo yeqiniso uzokwazi kuholela abantu ekukhanyeni."

Athule uMsizi

Lwazi:"Awazi ukuthi sekalale nabantu abawungakhi esontweni wena njalo ngesonto ushumayeza abantu ucabanga ukuthi bayakuhlonipha, cha mina bengeke ngikuhloniphe. Lahla lento bafo ubuye ekhaya uzomuthola omunye ukuvimbela izinto eziningi. Namanje ngaphambi kokuthi silale uzoza ngale azongizama mfazi bani lowo."

Msizi:"Ngisaba nalomhlobo womshado esawenza masihlukana uzothatha ingxenye yezinto engizithole kanzima."

Lwazi:"Bafo lahla lento ubuye ekhaya ungumfundisi awukwazi kukhalela izinto zalomhlaba. Ubuye sizosebenza sonke ngizokusiza mina."

Msizi:"Lwazi ukhulile."

Lwazi:"Ngikhulile kakhulu futhi sengifuna nokuthatha manje."

Msizi:"Ukhona yini noma uyakhuluma nje?"

Lwazi:"Ukhona kungithathe iminyaka emihlanu kuthi ngimuthole ngiyamuthanda shes the one kodwa uyathanda kukhala yerrrr."

Bahleke

Msizi:"Banjalo abafazi."

Basukume mababona imoto yomfowabo omdala

Msizi:"Lekhehla alidlali leli manje sekala."

Lwazi:"Yoooo."

Msizi:"Bafo yazi ngendlela omncane ngayo mina ngingaba ubaba wakho kodwa indlela ongivule umqondo manje ngiyakuhlonipha ngiyabonga."

Lwazi:"Manje uthathe intanga yakho ndoda."

Bahleke umaKhoza uzwe yonke lento bebayixoxa ngoba abebafuna wayobabheka egunjini likaLwazi wangabathola wabhodela emva kwendlu wazithela phezu kwabo kepha azange esavela walalela. Uyakhala manje naye ubuyele endlini wandlula inkosikazi kaMsizi idlala noNozibusiso waqonda egunjini lakhe. Ucabanga inhlupheko yendodana yakhe ngapha indodakazi yakhe.

Uthe makangena egunjini labo wazithela kumyeni wakhe naye wathuka inkosikazi yakhe mayikhala ngalohlobo. Asukume ngokushesha bazohlala embhedeni.

MaKhoza:"Baba angazi ngenzeni kubani kuthi izinto zezingane zami zime kanje. Ingabe ngijezela kuthi ngaphuca lomfazi ingane yakhe iseyincane baba?"

Khoza:"Kuyafana bengeke amukhulise kahle nje wakhulula nami kube nginjani. Awujezeli lokho. Ucabanga indodakazi yakho?"

MaKhoza:"Cha ngizwe uMsizi akhuluma noLwazi amutshela ngobufebe benkosikazi yakhe. Lomfazana uke wakhumulela uLwazi ingane encane kangaka."

Khoza:"Nkosikazi lomfana wenza lento eyenziwa uDansile noma kungafani ntse kepha bashada ngenkani uMsizi yena washada wangasazisa thina. Mina ngesingami akashadanga uhlaleleni naye angamulahli?"

MaKhoza:"Ohhh kodwa baba amazwi akho abuhlungu"

Akhale umaKhoza kubekhona okokodayo asukume uKhoza nayi indodana yakhe yokuqala. Seyikhulile nayo kodwa uzigaxe ngomgexo wegolide entanyeni nasezandleni uyacwebezela. Azibone yena ngqo ashawe luvalo uKhoza afise nokuhaga indodana yakhe kepha uyithukuthelele.

Mholi:”Baba.”

Khoza:”Kumele ngikuthethise uze ekhaya, ngena ubone umawakho.”

Angene naye umaKhoza makabona indodana yakhe yokuqala akhale sekakhaliswa yilokho.

MaKhoza:”Hawu Mholi kodwa yini ndodana.”

Asondele uMholi isidlakela esikhulu esingaka aguqe phambi kwamawakhe aze aqamele akhale umaKhoza. Masekanelile asukume uMholi izinyembezi zilokhu ziyeza uyazibamba ngokucimeza kakhulu.

Mholi:”Sengifikile baba.”

Khoza:”Ngisathulisa isthandwa sami asikho kahle ngizoza nasesikahle hamba uyongilinda.”

Mholi:”Hawu baba kukhona la ekumele.”

Khoza:”HHEY NGEKE NGIZIPHINDE KANINGI UMA UFUNA UKUHAMBA HAMBA.”

Aphume uMholi ashayele umuntu okumele ahlangane naye avelele ngale ekhishini mabezwa ukuthi uthini ocingweni bamuhleke.

Mholi:”Kwenzenjani?”

Msizi:”Utheni ubaba mawuphuma ngalesango mfana ufile emehlweni ami.”

Mholi:”Wasigwajisa ubaba kahleni bo, mina ngilambe Lwazi uphi umfazi kube sekasiphekele manje.”

Lwazi:”Ngeke ngivume ngenkosikazi yami kuthi niyishonise le nale.”

Kungene inkosikazi yaMholi igqoke ilokwe elide nayo igcwele ubucwebe ibingelele, abanakani benoRose.

Bongiwe:”Unjani bhuti omncane wakhula kangaka.”

Lwazi:”Musa ukudlala ngami sisi hawu.”

Bongiwe:”Uphi uDansile?”

Lwazi:”Ukwakhe abekhona naye.”

Bongiwe:”Ngeke sihambe singamubonanga.”

Aye ekhishini bamuzwe sekakheqezisa amabhodo apheka, kuqhamuke ubaba wabo eme emnyango ababheke kuthuleke mabamubona. Asondele bonke bahlezi kubosofa ezwe umsindo ngale ekhishini aqonde khona. Amoyizele omunye umakoti wakhe amuthandayo lo.

Khoza:”Unjani makoti?”

Bongiwe:”Ngiyaphila baba.”

Khoza:”Ufika nje sosemabhodweni.”

Bongiwe:”UMholi abekhala ngendlala yonke lendlela baba.”

Khoza:”Kulungile qhubeka ndodakazi.”

Abuyele kumadodana wakhe asemulindile ahlale phansi abheke uRose kabi kuze kushalazele uMsizi.

Msizi:”Rose hamba uyosiza usisi ngale ekhishini ubaba ufuna kukhuluma nathj.”

Asukume azondlula ngakuLwazi ngamabomu ashalazele uLwazi aphume aye ekhishini……

***ISIQEPHU 59***

***KWANSIZWA***

UDansile ubuke umyeni wakhe ulele uyazibuza ukuthi yini le engaka emuphazamisile ngoba selokhu abuya kubo akajabulanga. Okumxolisayo ukuthi uyazi abeye kubo umamezala wakhe uzomutshela. Amushayele ucingo alubambe

MaKhumalo:"Dani mntanami."

Dani:"Kunjani mama?"

MaKhumalo:"Ngiyaphila sesi nina?"

Dani:"Siyaphila kodwa ngikhathazwa uNsizwa ma."

MaKhumalo:"Ohhhh sekenzenike lomfana isimo sinje."

Dani:"Cha mama akenzanga lutho yimina okhathazekile selokhu namubiza mama wabuya angajabulanga angimazi kwenzenjani."

MaKhumalo:"Uthini yena?"

Dani:"Akakhulumi mama uNsizwa uyamazi angithi wayehlala ephuza uma kunenkinga kodwa manje ngoba afuna ukubuyeka uhlala la endlini akajabulanga mama."

MaKhumalo:"Mntanami ushintsho lunzima wena mubekezelele angithi ungumuntu bekakhonze abangani manje ukungababoni angayi nasematshwaleni lawa wabo kunzina. Uzobakahle ungakhathazeki."

Dani:"Makunjalo phela mama kusho ukuthi akajabulanga nami yimina ophoqa izinto, sekangabhocobala ngalohlobo enami ngoba nje akhumbule abangani bakhe akahambeke mama."

MaKhumalo:"Cha mntanami ungalwi mina ngiyacabangela angisho ukuthi kunjalo, ngiyamazi ngeke akhulume uzolokhu athi ukahle."

Dani:"Ngiyakuzwa mama nami bengingalwi sengihlala ngithukile mama ngathi kukhona izindaba ezimbi ezizosihlukanisa."

MaKhumalo:"Ungabi ntengentenge sesi sekakhulile yena ngimubona emehlweni ungayeki umshado wakho ngenxa yabonondidwa abangazazi bafunani empilweni,"

Dani:"Ngiyakuzwa mama."

MaKhumalo:"Uyakuthanda umyeni wakho noma ngingaqondi kuthi lezinto abezenziswa yini kodwa ngiyazi ukuthi uyakuthanda akafuni kulahlekelwa nguwe."

Dani:”Ngiyabonga mama.”

Avale ucingo lwakhe ahambe ayongena egunjini lezivakashi uDansile akhiye aguqe phansi akasanalo nebhayibheli. Aguqe phambi kombhede

Dani:”Baba Somandla angazi noma ngizosebenzisa amazwi akahle kuthi ngithole usizo oluvela kuwe. Angisenawo amandla nokuzethemba ngihlalele ovalweni baba. Ngiyazi umyeni wami uyathembisa ukuthi ushintshile kodwa kusenzima. Baba ngikhale kakhulu kulomshado angifuni kuqhubeka ngokuphila kabhlungu kanje. Nginomyeni engimthandayo kodwa angijabulanga ngicela ungiphe amandla. Ngicela ungiphe ubuhlakani futhi uma lomshado ungabuyi kuwe Baba ngicela ungambulele. Ngicela konke lokhu ngegama likaJesu Amen.”

Asukume phansi ahlale phezu kombhede acabange kukhale ucingo lwakhe aluphendule

Dani:”Sisi.”

Bongiwe:”Hayisuka sisi yamasimba awungishayeli ucingo manje wenza ngathi ujabulile.”

Dani:”Uyazi kodwa ukuthi mawudivoswa yimina nomfowethu uzokushiya?”

Bahleke

Bongiwe:”Ngeke ucabanga ukuthi yonke leminyaka angisebenzi ngobhuti wakho ubheka mina ngedwa umuvale amehlo nezindlebe.”

Bahleke

Dani:”Niyaphila kodwa sisi.”

Bongiwe:”Siyaphila sisekhaya futhi.”

Dani:”Ekhaya kwaKhoza kamama nobaba?”

Ahleke uBongiwe.

Bongiwe:”Yebo kanye noMsizi nomkakhe bakhona.”

Amemeze uDansile kuze kuvuke uNsizwa aphume egunjini ngejubane

Bongiwe:”Ngiyeza ngiyeza ngiyeza ahhhhh.”

Angene agijima uNsizwa sekakhiphe wonke amehlo iphimbo lomkakhe limemeza kangaka.

Nsizwa:”Kwenzenjani?”

Dani:”Sthandwa sami ngicela ukuya ekhaya bobhuti basekhaya baphelele.”

Nsizwa:”Ohhhh ayikho inkinga.”

Ahage umyeni wakhe aze amuqabule amuyeke aphume egijima amulandele uNsizwa amufice adonse isikhwama sekapaka izimpahla.

Nsizwa:”Hawu uyolala sthandwa sami?”

Dani:”Eya babakhe uyazi ngeke kuhlukaneke kudala ngabagcina abobhuti bami.”

Nsizwa:”Kulungile mina ngizoya ekhaya.”

Dani:”Ngicela ungiphelezele ngoba izimoto ngeke zinele mangiza neyami.”

Nsizwa:”Kulezinsuku awuthandi kushayela imoto yakho kungani?”

Dani:”Selokhu ngabuya asikaphumi.”

Nsizwa:”Ithi ngisule ubusoke angazi kungani ngivele ngazumeka sengivukile angikaze ngilale emini kanje.”

Dani:”Mhlawumbe kukhona okuzayo okuncane nje lana.”

Aziphulule isisu uDani ashayeke umyeni wakhe makabona lento ayenzayo bazilungise naye aqede kupaka bayongena emotweni. Ujabulile umubona nje akakhoni nokufihla injabulo le amufica anayo. Akukho bekubeka uDani phansi atholakale sekakhala wayehlala enje uyabona kuthi nguyena owamulethela usizi empilweni yakhe. Manje sekathi uyalungisa sekuvela indaba yokukhulelwa. Adonse umoya uDansile akamunakile nje ujahe kufika kubo….

***<u>KWAKHOZA</u>***

Uhlezi ubhekene namadodana akhe uKhoza sewakhulile wonke futhi.

Khoza:”Mholi unengane esingazi ngayo thina?”

Ahlahle amehlo uMholi abheke ngala kukhona khona inkosikazi  yakhe abuye abheke umfowabo uMsizi.

Khoza:”Hhey phendula ukuthalaza ngeke kukusize ngalutho.”

Mholi:”Eya baba.”

Khoza:”Ingakanani?”

Mholi:”Ineminyaka emithathu manje.”

Khoza:”Kwenzakaleni?”

Mholi:”Ukuganga baba kanti umawakhe ufuna kungibamba ngayo wangikhohlisa kuthi uhlela umndeni.”

Khoza:”Umkakho akazi naye?”

Mholi:”Cha baba.”

Anikine ikhanda uKhoza kusondele umawabo

MaKhoza:”Suka ngihlale.”

Lwazi:”Hawu mama.”

MaKhoza:”Hhey ngifuna kuhlala celeni komyeni wami ikhona inkinga?”

Khoza:”Ayyy suka suka wena ahlale unyoko.”

Bahleke kodwa bathanda lokhu abakubonayo uMsizi yena afise ukuzitholela umuntu angaba naye kanje.

Khoza:”Ufuna lengane ikhule ingawazi umndeni wayo izoba undinga sithebeni njengawe.”

Mholi:”Cha baba ngisaba kuthi uBongiwe makangathola uzobulala lomama wayo.”

Khoza:”UsunguMdali wena uyazi uzocabanga kanjani?”

Mholi:”Bake balwa baba wamufaka esibhedlela.”

Khoza:”Mholi awuziboni ukuthi ugugile manje awenzi ngani izingane nenkosikazi yakho?”

Mholi:”Ngeke akhone uBongiwe baba kwaba nenkinganyana  ngesibeletho sakhe, ngiyamuthanda mina angifuni kuhlukana naye ngenxa yalokho futhi angifuni kuba nenye inkosikazi. Yilokho okwenza sibaleke la ekhaya ngoba ngangibona ukuthi nizosibelesela ngabazukulu.”

Babukane abazali babo

MaKhoza:”Mangabe uyamuthanda umkakho mutshele ngalengane kuzobanzima makangayithola ngomunye umuntu. Nathi siyamuthanda umakoti ngeke simuxwaye ngenxa yalokho.”

Mholi:”Eyyyy mama uBongiwe uyazihlanyela komele mangimutshela lokho sibe sisodwa ngoba uyathukuthela.”

Khoza:”Makathukuthela wenzani?”

Mholi:”Ukhipha isibhamu adubule konke okuphambi kwakhe.”

Bahleke uLwazi noMsizi

MaKhoza:”Uyinkosikazi yakho  waziwa nguwe yenza okubonayo kepha kumele kuphele lesonto esizoliqala sekazi makungenjalo mina ngizomutshela.”

Mholi:”Ngizomutshela mama.”

Khoza:”Wena Msizi nginizwile mawukhuluma nomfowenu ngale.”

Babukane benoLwazi

Msizi:”Utshele ubaba?”

Khoza:”Ungazohlanya wena ungitshele nini ngoba ngithe mangizwa ngazibuyelela egunjini lami yena uke wasuka emehlweni akho nje?”

Msizi:”Eish baba azange.”

Khoza:”Tshela mina uzimisele ngani?”

Msizi:”Ngiyamuyeka baba kudala ngifuna kuthatha lesinqubo kepha kunzima ngoba mangimuyeka ngizokwehliswa ebufundisini. Masengehlisiwe akukho mali engizoyihola.”

Khoza:”Niyabona izinkinga eninazo nina ngokungezi ekhaya.”

Bathule

Khoza:”Nawe umucacisele manifika kwenu la engingazi khona ubuye ekhaya mfanami indawo yakho isekhona.”

Mholi:”Mina masebangidubulile ngizoba nayo indawo ekhaya?”

Bahleke bonke ngisho noKhoza

Khoza:”Wena uzenzile ngizokuxosha nami ngoba angizalanga isixhwala awuna lungelo lokungena uxhuga la kwami.”

Bahleke amadodana ayabona sowehlile umoya ekhehleni nabo sebakhululekile.

Lwazi:”Ngoba niphelele nje mina ngizocela usizo lokubhala incwadi eya kwaNkosi.”

Mholi:”Soxhoshiwe thumbu?”

Bamuxhawule abazali babo bamoyizele

Msizi:”Ngiyathemba lowo maNkosi uzokuphatha kahle.”

Mholi:”Abemuhle ngiyakucela bafo angifune muntu omubi ozongibiza ngobhuti mina.”

MaKhoza:”Wuuuu kube uyazi umaNkosi ucwayiza ngathi akafuni, noma amoyizela.”

Babange umsindo

Mholi:”Uthandwa nguwe mama?”

Msizi:”Unjani lowo?”

Lwazi:”Muhle.”

Khoza:”Hheyy mnumzane Khoza ngoba ukhuluma ngencwadi nangokulobola uyazi uAngel somcelile wavuma?”

Lwazi:”Cha baba.”

Bamuhleke abobhuti bakhe

Mholi:”Ndoda uzoshada njani nomuntu ungamucelanga?”

Lwazi:”Hawu.”

Mholi:”Uyabheda mfana uyabona uncele kakhulu wena.”

MaKhoza:”Hayisuka ungakhathazeki wena ndodana kudala kwakwenziwa nje incwadi ibithunyelwa angazi umakoti. Uthola ngomndeni wakhe kuthi sekayacelwa makavuma bese bayaphendula ngosuku lwamalobolo.”

Mholi:”Okusalayo uyabhayiza maaan.”

Kufike uDansile naye ungena ngomsindo wakhe ulandelwa umyeni wakhe obhocobele nesikhwama sezimpahla.

Dani:”Hi fam.”

MaKhoza:”Singapha sesi.”

Ajabule ahage bobhuti bakhe uNsizwa azizwe ngathi isilima angazi athini masewehla umsindo abingelele.

Khoza:”Unjani Mntungwa?”

Nsizwa:”Ngiyaphila baba, bengilethe uDansile.”

MaKhoza:”Akunankinga mkhwenyane siyabonga.”

Kubobhuti baDansile usaba uMholi ngoba uyaziwa kuthi uyisigebengu hhayi sokudlala futhi. Ungena aphuma ejele kanye nenkosikazi yakhe bayasatshwa. Aqhamuke uBongiwe nokudla kumathileyi uRose alandele ngamanzi okugeza izandla makandlula ngakuNsizwa athuke babukane noNsizwa athuke naye. UBongiwe aze athathe ibhakade kuye ayogezisa abantu izandla.

MaKhoza:”Ngilizwile lephunga elimnandi masekufike wena konke kuyacaca.”

Bongiwe:”Angifuni nibulawe indlala.”

UDansile aziphose kuskoni wakhe amuhage bese uhaga noRose abuyele kuBongiwe bahambe bayolanda okunye ukudla babanike.

Nsizwa:”Mina ngicela ukuhamba baba nisale kahle.”

MaKhoza:”Hawu mkhwenyane waphambana nokudla nje.”

Nsizwa:”Bengilethe uDansile ngibuyela estolo.”

Khoza:”Kulungile ndodana uhambe kahle.”

Amuphelezele ujabuliswe ukuzwa ubaba Dani amubiza ngendodana uyabona ukuthi vele mayingavela indaba yengane izomosha okuningi ngeke avume umawakhe ukhuluma iqiniso. Bazoyikhulisa kahle ingane abazali bakhe kepha angazi uDansile kuthi eyakhe. Makafika emotweni baqabulane bavalelisane isuke imoto….

***ISIQEPHU 60***

***ENDABEZITHA***

Bahlale balinde ihora njengokusho kwenkosi umamGugu amukiswe egunjini amulandele uCebile. Bafike bagibele embhedeni aphulule umawakhe ekhanda.

Cebi:"Mama."

MamGugu:"Mntanami kungilayile ukushiwa ubaba wenu manje sengibangwa abobhuti bakhe ngathi ngiyiphasela nje."

Cebi:"Ngicabanga ukuthi ubabMongezi wenze lokhu ngoba akuvikela abengeke akhulume yonke lento."

MamGugu:"Ngifisa ngathi ngingalandela uMondli masekunje."

Athule uCebi angasho lutho

MamGugu:"Uma kungathiwa khethelani umawenu uzothini?"

Cebi:"Angifuni mina ungenwe mawungafuni injabulo yakho ibalulekile kithi mama."

MamGugu:"Ngiyakuzwa sesi asilale kancane ngishawa ikhanda."

Balale uCebi akanabo nje ubuthongo ulalise umawakhe naye ulokhu uyaphenduka abufiki ubuthongo. Usezwa legama amubize ngalo  ubabMongezi uyakuzwisisa okwegama ngoba bayazi abemubiza kanjalo umyeni wakhe iphimbo lakhe. Sigcine sesimubamba isithongwane aphume uCebile abuyele enkundleni basahlezi bonke baphelele ngaphandle kwenkosi nendlovukazi. UbabMongezi uhlezi yedwa uzibhekele phansi njengenhlala yenza.

Nathi:"Unjani umama?"

Cebi:"Akekho kahle kodwa ungibuze ukuthi mabangasikhethisa kuthi sifuna angenwe ubani singathini."

Sinalo:"Wena utheni?"

Cebi:"Ngimtshele kuthi iniabulo yakhe ibalulekille kithi."

Sinalo:"Kusho ukuthi mawungashona bafo kuzomele ngingene usisi ngoba bathi isiko vele?"

Bahleke ngisho noDeliwe ahleke naye

Deliwe:"Isiko lokuzakhela leli angilikholwa mina."

UCebile aphakamise amehlo akhe abheke ubabaMongezi

Nathi:”Hamba uye kuye besikhuluma ngawe vele kuthi ngeke uthande masekahawula kanje.”

Deliwe:”Ubhuti naye wenze enye into.”

Nathi:”Mina ngiyayizwisisa lento ayenzile uvikela umama uyazi mabangathi akangenwe nguye ubabomkhulu ngeke aze asondele nakumama.”

Sinalo:”Kuzoba yigama nje ukuthi umngenile nami ngiyamuzwisisa ngiyacabanga abeyokhuluma ethuneni lababa amutshele lokho.”

Deliwe:”Ucabanga ukuthi leziya zimbali zibekwe nguye njengoba besisola?”

Sinalo:”Masesihamba ngimubonile mina.”

Asuke uCebi abashiye bakhuluma afike ahlale celeni kwababMongezi afake isandla sakhe ekhwapheni kuthi amubambe. Amubuke amoyizele ubabMongezi aze amuhlikihle ekhanda.

Cebi:”Ayyyy baba ungimosha istayela sami.”

Bamoyizelelane

BabMongezi:”Ufunani?”

Cebi:”Asikuthukuthelelanga ngalento oyenzile noma isithusile nje.”

BabMongezi:”Ubaba uyanithanda sesi angifuni kubona nihlukumezeka ninomawenu.”

Cebi:”Uyamthanda umama?”

Babukabe

BabMongezi:”Ngimuthanda njengosisi wami inkosikazi kabhuti wami siwumndeni.”

Cebi:”Ave ungikhumbuza ubaba.”

BabMongezi:”Nami manginani ngiyajabula ningikhumbuza yena, uAmanda kungani angezanga?”

Cebi:”Uyakusaba usesi baba.”

Amoyizele ubabMongezi

BabMongezi:”Ngiyazi.”

Aqhamuke umamGugu ayohlala celeni kwaDeliwe amehlo akhe aqale kubabMongezi bese ubheka uButana abheke izingane zakhe. Ibuye inkosi nendlovukazi basukume masebahlezi phansi nabo bahlale. Inkosi yesizwe ibize unogada akhulume naye bese uyaphuma unogada abuye sekalandelwa ubazali baka mamGugu babahlalise phansi.

Nkosi:”Ngiyajabula kuthi nize mama nobaba ngokushesha okungaka.”

Cele:"Yebo nkosi yesizwe."

Nkosi:"Senisizwile isizathu sokuthi nginibize  ngokushesha, babCele indodakazi yenu lena, ingabe niyazi ngosiko lwakaNkosi lokungenwa?"

Cele:"Ngosuku lwamalobolo basho sayibuza indodakazi yavuma kuqhubeka nokushada ngiyacabanga wayesemathandweni azange acabange ukuthi losuku luzofika."

Nkosi:"Uyavuma baba wamakoti kuthi indodakazi yakho ingenwe omunye wabobhuti bomyeni wakhe, noma njengoyise wakhe ungathanda ukumkhethela?"

Cele:"Nkosi yesizwe mina indodakazi yami ngayikhulisa ngokuba nezwi uma into iyifuna kanti uma into ingayifuni ngeke ngiyiphoqe. Kulokhu uzozikhethela Gugulethu."

MamGugu:"Ba."

Alule isandla sakhe kuthi amuhage

Cele:"Buya kubaba."

Asukume afike ahage uyise wakhe asondele endlebeni yakhe uCele ahlebe.

Cele:"Ngikukhethele muphi sesi ngoba ngeke bakuyeke inkosi izothi ngenwa?"

Amuphendule umamGugu elokhu ekhala masekaqedile amusule izinyembezi ahlale celeni kwamawakhe.

Nkosi:"MamNkosi ngiyaxolisa ngesinxumo engisithathile kodwa njengendoda elihloniphayo isiko ikakhulukazi emva kokuthola ngokuthi ngiwubani ngafunda lapho ukulihlonipha isiko. Uzongenwa maCele ubaba wakho uzokhetha uNkosi amubona ayilungele indodakazi yakhe."

Aphakamise isandla uNathi amukhombe ngekhanda kuthi akakhulume

Nathi:"Umkhulu akabazi nkosi yesizwe akazi impilo abayiphilayo futhi ngenkathi sifika bebengekho kuthi azizwele angamkhetha."

Nkosi:"Ngiyazwisisa uvo lwakho nami bengingakhathazeka kepha umawakho uyingane naye kubazali bakhe."

Nathi:"Angiphiki kepha ungumama nakithi simufuna aphephile."

Mkhulu:"Hlala phansi mfana ungazophikisana nenkosi."

Sinalo:"Hlala phansi bafo sizwe uthini masingafuni ngeke siyivume."

Ahlale phansi uNathi iso lilokhu libheka uButana uyazitshela ukuthi uzomubulala ngezandla zakhe uma kungathiwa akashadiswe nomawakhe.

Nkosi:"Bab Cele."

Cele:”Ukube kuya ngami angifuni indodakazi yami ingenwe ngoba yagana kaNkosi ithanda umkhwenyane. Ngiyaxolisa nkosi yesizwe angikweyisi kodwa anginawo amandla okunikezela ngentombazane yami ngalohlobo.”

Nkosi:”Kulungileke lokho kushiyeka ezandleni zami.”

Indlovukazi yehle esihlalweni sayo ize kumamGugu imubambe ngesandla iye naye phambili. USmangela ujabulile ngoba uyamazi ubhuti wakhe uButana uzokwenza isiqiniseko sokuthi nabo bayohlala kulendlu futhi uyazi umuthi wababa wakhe usebenzile kulenkosi. Ngale uNathi ucasukile ugane unwabu benoSinalo bobabili bazitshela into eyodwa kuthi bazombulalala uButana ngeke athathe umawabo. UGugu yena sekazidele nganoma yini okumele kwenziwe ngoba ukhiphe yonke imali egameni lakhe wayifaka kuSinalo noNathi bengazi. Akanandaba mangabe lomndeni ufuna imali ngeke bayithole ngisho nendlu seyisegameni lababMongezi yena akanalutho nje.

Indlovukazi imumise phambi kwenkosi agobise ikhanda lapho bonke beme ngezinyawo

Nkosi:”MaCele sekukhulunyiwe zinhlangothi zonke ngaze nganika ubaba wakho kuthi akhethe ngoba wena kwamele ungenwe noma sithanda noma singathandi. Ingabe uyezwisisa?”

MamGugu:”Ngiyezwa.”

Nkosi:”Bonke babekile izizathu zabo kepha engikunakile izingane zakho zithi azifune baba. Mina inkosi uScelo Zulu inkosi yakoMageba ngithi uzongenwa ubhuti umkhulu womndeni ngoba izingane zakho zisondelene kakhulu naye. Isinqumoke sizothathwa nguyena ubabMongezi Nkosi kuthi nizoshada kanjani kuthi kuzokwenziwa njani yonke into. Ngicela usondele babNkosi.”

Asondele ubabMongezi makabheka ubabomkhulu wakhe uyabila kepha umawakhe uyamoyizela ngokuntshontsha okukhomba kona ukuthi yinto abeyifisa le. Eme duze nomamGugu ongazi ukuthi kwenzakalani. Izingane ziyamuthanda ubabMongezi kodwa azimuthandi ukuthi usengashada nomawabo.

Nkosi:”Ngikhethe wena ngoba usondelene nezingane zikamfowenu nami ngizibonele ugone oyedwa masingena la. Kukuweke ukuthi konke kwenziwa kanjani, anihlali la kuthi nginilawule ningakhululeka.”

Basukume inkosi inike indlovukazi yayo isandla basukume bahambe bobabili, mabasithela nje umkhulu Nkosi abonise ukuvevezela asondele kubabMongezi amubheke ebusweni. UNathi noSinalo basondele ngokushesha ngathi babiziwe.

Mkhulu:”Wenze iphutha elikhulu namuhla kusukela kudala umelana nami ngangikuyeka ngoba ngizwela unyoko. Namuhla ubheje ngempilo yakho uzomulandela umfowenu ngizwisise.”

BabMongezi:”Ngangiqinsile nguwena owabulala uMondli?”

Mkhulu:”Mina ngithe uzomulandela lo inkosikazi kaButana.”

Athule ubabMongezi abheke umamGugu ngoba sekayakhala uzwe lento ayishilo amugaxe ngoba sekathambisa umzimba.

Nathi:"Mkhulu mangabe igazi lababa wami lisezandleni zakho ngiyafunga ngiyagomela uzozisola kanye nenzalo yakho."

BabMongezi:"Asambeni."

Sinalo:"Ubulale ubaba ngoba ufuna imali yakhe?"

BabMongezi:"Sinalo."

Nathi:"Uzozisola."

BabMongezi:"NKOSNATHI HAMBANI MANJE."

Baphume bashiye umkhulu wabo ethukuthele konke okusemzimbeni wakhe kuyalwa, makaqeda abheke inkosikazi yakhe.

Mkhulu:"Nguwena ozale lehlongandlebe lendodana."

Baphume nabo bayongena evenini yabo enezinkuni ngemuva, ubabMongezi afake umamGugu emotweni abeze ngayo athi abahambe.

Cebi:"Baba wena uzosilandela na?"

BabMongezi:"Ngizoza hambani anginifuni kulendawo."

Sinalo:"Ngisala nawe."

BabMongezi:"Hambani nizobheka umawenu."

Nathi:"Wena usalelani asambeni sonke."

BabMongezi:"Akukho okuzongivelela mina Deliwe khuluma nalezingane zamfowenu nihambe."

UmamGugu uthulile nje konke lokhu ngathi kwenzeka kumabonakude ukubukele.

Nathi:"Asihambi la mangabe ngempela usikhathalele njengoba ubusho uzogibela nathi la sihambe."

Anikine ikhanda ubabMongezi agibele ayisuse imoto uNathi.

BabMongezi:"Bafana yekani inkani kunezinto okumele ngiyozenza ekhaya."

Sinalo:"Sihamba nawe baba."

BabMongezi:"Mukisa usisi kuboke benoCebi kanye noDeliwe."

Deliwe:"Yini oyoyenza lapha kodwa bhuti?"

BabMongezi:"Ngizobuya."

Ashayele uNathi bafike khabo mawabo behlike mabangena endlini ubabMongezi asuse imoto abashiye. Bazame kumugijimela kufane akhiphe ucingo lwakhe ashayele uNathi.

Nathi:”Yini manje lento oyenzayo babomkhulu?”

BabMongezi:”Hambani niyogada umawenu makuphela amahora amabili ngingakabuyi nitshele umawenu anilayele kahle ngoba ngeke nisabona.”

Avale ucingo lwakhe angatholanga nethuba lokuphendula, babone nabo ukuthi akabadingi ngempela bazomulinda.

Cele:”Animutholi bazukulu?”

Sinalo:”Cha mkhulu.”

MaCele:”Uzobuya ningakhathazeki, Cebile''

Cebi:”Gogo.”

Cebi:”Iza nomawakho ngapha sesi.”

MamGugu:”Cha mama ngikahle ngisuke ngathuka ubabomkhulu angayenza ngempela lento?”

Cele:”Leya ndoda inenhliziyo elukhuni ndodakazi mina ngangingafuni ushadele kulowa mndeni kodwa uthando lwakho nomkhwenyane lwangicoba futhi ngathemba ukuthi uzokuvikela.”

Deliwe:”Mama kukhona engingakugoqozisa yazi uGugu akadlanga lutho selokhu kusile.”

***ISIQEPHU 61***

***KWANKOSI EMAKHAYA***

Afike amise imoto ubabMongezi ngale komgwaqo ehle ahambe ngezinyawo, abamaziyo bamubukisise ngoba bebayibona inhlalo yabo kulomuzi. Kwathi makushona ubaba wabo konke kwashintsha, angakafiki ngakhona kuphume omunye womakhelwane owayengumngani kababa wakhe.

“Ndodana ubuyiswa yini la?”

BabMongezi:”Hawu baba usangibona noma sengaguga ngaba njena?”

“Ngeke ngilahlekelwe nguwe ndodana ukhule phambi kwethu usisiza, ngiyaxolisa ngomfowenu ngezwa.”

BabMongezi:”Ngiyabonga baba ngizokubona mangibuya kukhona engikuphuthumayo lapha ekhaya.”

Amushiye lapho asheshe makafika angene la kwakuyigumbi labo acinge aze aphakamise imibhede athathe amapheshana anuka umswakamo alahle lombhede akhiphe ummese ephokothweni lakhe aqonde engandini acinge aze afike phakathi kwengadi anyathele ngonyawo ezwe kuthi fohlo. Agubhe lapho akhiphe ibhokisi elincane aye kwezinye izimbali azihlakaze zonke azigubhe azithathe azifake epulastikini. Asuke abone iveni ingena agijime ayovala egunjini abuyele engadini acashe lapho ngoba kumnyama khona. Makehla ubabomkhulu wakhe uyalwa usathukuthele uyabila.

Mkhulu:”Lendodana yakho ngeke kuse isaphila uyangizwa.”

GogNkosi:”Baba ngiyakucela kuphela kwendodana esele enginayo leto.”

Mkhulu:”Hhey suka la phambi kwami ulokhu ungicefezela, Butana.”

Smangela:”Usele esitolo.”

Mkhulu:”Ngibekele amanzi okugeza ulungise nezimpahla zomlilo.”

Athwale izandla ekhanda ugogNkosi akhale

GogNkosi:”Baba ngicela umuyeke bandla thatha mina Siwela ngiyaphaphatha uyeke indodana yami.”

Mkhulu:”Wena ngikuthathe ngikwenzeni ngoba uyazifela nje.”

Abone ubabMongezi ukuthi kuzomele acashe kuze kube munyama ngoba ngendlela athukuthele ngayo angavusa izilwane zakhe zimubulale ngoba usegcekeni lakwakhe

ngeke abe namandla. Ahlale lapho ebhacile elokhu ethalaza kuze kube mnyama, usathetha namanje umawakhe usakhala. Kumuzwisa ubuhlungu ukukhala kwamawakhe kepha akukho angakwenza ngoba wazinikela kulobabomkhulu wabo. Wanqaba noma sebamuncenga benoMondli kuthi babaleke, ezwe izinyathelo zababomkhulu wakhe zisondela uhamba noButana noSmangela.

Mkhulu:"Butana uyakwazi okumele ukwenze umawenu angazi ngoba niyamubona uyakhala izinyembezi zakhe zizomosha."

Butana:"Ngiyazi baba."

Mkhulu:"Nawe Smangela umushayele ucingo ngaleso sikhathi."

Smangela:"Baba uyaphi manje wena?"

Mkhulu:"Mangifuna umphefumulo waMongezi kumele ngihlale phezu kwenhlanyelo yami ngizobulala amandla wakhe."

Butana:"Unamandla maphi lanti yena?"

Mkhulu:"Angimazi kodwa ngiyazi alapha ngoba ubaba wabo wayengasuki khona."

Bathuke ngathi bezwa umsindo

Mkhulu:"Yini lokho?"

Kuthuleke phela bala duze nala ubabMongezi acashe khona baqale bathalaze

Mkhulu:"Ubani lowo? Butana letha isikhiyo ngiyovulela izinto zami ngeke asaphuma lo ola ngiyamuzwa."

Agijime aye endlini la athunywe khona abone ubabMongezi kuthi liyamushonela manje……

***KWACELE***

Sebakhathazekile manje bonke endlini naku kuba mnyama akabuyi ubabMongezi, uCebile sekaze uyakhala. UNathi noSinalo bangaphandle balokhu bayabheka kuthi uphi ubabomkhulu wabo.

Nathi:"Senze ubulima nathi singamuvumela njani kuthi ahambe yedwa."

Sinalo:"Asambe umama kumele asilayele khabo baba."

Bangene endlini

Nathi:"Mama seside lesikhathi kumnyama kuhwalele silayele."

MamGugu:"Ngeke ngikwenze lokho."

Sinalo:”Mama uma bemubulala uhamba yedwa?”

MamGugu:”Uzobuya ubhuti ngiyazi uzobuya, kaningi kwenzeka lokhu uzobuya.”

Naye ukhuluma uthukile yize angafuni kumushada kodwa akafuni kulahlekelwa nguye uhlala abagadile kusukela kusekhona umyeni wakhe.

Deliwe:”Ukube abefuna kuhamba nani abezohamba nani asimulindeni ubhuti uzobuya.”

Liqale liguqubale izulu akhale  uanti wabo

Deliwe:”Ngiyathemba akusiye ubabomkhulu lo walezulu.”

MaCele:”Ngeke kwenzeke lutho sisendlini abukho ubumnyama obungangena kulamagceke.”

MamGugu:”Cebi buyala sesi.”

Asondele ayohlala celeni kwamawakhe makabuka lokudla okubekiwe kwavalwa kuthiwa kwababMongezi uzwa aba nenhliziyo ebuhlungu uma angasafiki azokudla Balinde sihambe isikhathi nezulu selina ngamandla manje lina nangomoya.

MaCele:”Buyani sikhulekeleni umkhwenyane kubi la ngaphandle.”

Basondelane babambane ngezandla umamGugu yize akhule ngokukhuleka azange akhuthale kanjalo nezingane zakhe azange azifundise ukukhuleka. Bayaya enkonzweni nakhona akekho obaphoqayo uma bengayi ngoba naye uyazihlalela eside isikhathi angayi. Basabambene ngezandla nje bezwe umuntu ekokoda emnyangi babukane

“Yi yimina babCele.”

Basuke ngejubane bayovula umnyango angene umanzi nte ingathi abehamba ngezinyawo. Angene uCebi ayomuhaga amanzi anjalo

Deliwe:”Bhuti.”

BabMongezi:”Kumele sihambe mina akumele iphakathi nobusuku bungangifici kulesigodi.”

Deliwe:”Wenzeni bhuti?”

MamGugu:”Mama.”

MaCele:”Hamba ndodakazi thina siphephile akukho okuzosivelela.”

Cele:”Yebo sesi hamba mkhwenyane ngiyabonga ubaphephise.”

Bavalelise baphume sekugcwele udaka  namanzi ayageleza uSinalo abambe uCebile oshelelayo umamGugu abambelele kuNathi uhamba phambili ubabMongezi. Baphume egcekeni bayongena emotweni asale avala isango lakwaCele kahle nabo bavale umnyango ngoba bebababhekile. Sekushayela ubabMongezi manje uNathi uhlezi phambili naye.

Deliwe:”Bhuti wenzeni?”

BabMongezi:”Ngiphule ingadi yalomkhuba wakhe, ngathatha nalebhokisi elincane ayehlala akhuluma nalo.”

Deliwe:”Hawu lodwa bhuti ukube uthathe izincwadi zami engazikhohlwa kodwa mhlawumbe kudala zaphela.”

BabMongezi:”Ngiqale ngazo.”

UmamGugu anikine ikhanda ilento ayizwayo  ngobabomkhulu wabo masebaphumile eNdabezitha bahamba ibangana akhiphele imoto eceleni.

BabMongezi:”Bukani isimo sezulu sicwebile ngapha lela zulu lenziwe umkhulu wenu, ngisayoshisa lezinto.”

Ehlike nepulastiki bamulandele boSinalo abathethise futhi bayongena ehlathini nje bangafiki nakude.

BabMongezi:”Nina manilandelana nami nobabili nishiye abafazi bodwa niyacabanga?”

Bangamuphenduli alahle lezinto zonke azithathe kubo azishise, uSinalo azame kuvula lebhokisi elincane ligcwele izithombe.

BabaMongezi:”Ungathathi lutho lapho angifuni kube khona uxhumano noluncane lwalabantu.”

Nathi:”Babomkhulu ugogo yena?”

BabMongezi:”Ugogo akukho esingamusiza ngakho nguyena owazingenela angaphoqwanga. Uma afuna ukuphuma uzoziphumela, ngiyathandaza kuthi aphume ngokushesha angakambulali.”

Masezishile zonke lezinto babuyele emotweni bagibele bahambe bonke bayayishalazelela into eyenzekile ebukhosini. Kuthulekile manje bonke bayacabanga ukuthi ngempela kwamele ubabomkhulu wabo angene umawabo, naye uyazicabanga nomamGugu uyazibuza uyaziphendula kepha ayikho impendulo. Bafike emagcekeni akwaNkosi apake kahle imoto makehlika angene endlini kuqala ubabMongezi. Angene kuwo wonke amagumbi abheke bayazi akwenzayo ngoba into ababeyenza nobaba wabo uMondli asaphila uma bake bahamba bonke kwangasala muntu.

Bamulinde makafika egunjini la.amGugu eme

BabMongezi:”Ngingangena sisi?”

MamGugu:”Ngena.”

Angene bamulinde masekaphuma bamubone ajika futhi ngokushesha kukhale into ngathi uyalwa uyayikabha. Basondele boNathi aphume namaxoxo amabili  aluhlaza okotshani  athuke umamGugu noDeliwe. Aphume nawo ayowashisa nawo.

MamGugu:”Kanti kwenzakalani?”

Deliwe:”Sonile ngokuya eNdabezitha.”

BabMongezi amemeze lapho ngaphandle abize uNathi makavela

BabMongezi:”Khumulani zonke lezinto enizigqokile ningangeni emagunjini futhi ningazikhumulanga uzilethe la.”

Nathi:”Ngobani baba?”

BabMongezi:”Mangabe kukhona okusinamathele kumele sikushise la.”

Ukhuluma naye uyakhumula isikibha

Nathi:”Hayibo baba manje uyakhumula?”

Ahleke ubabMongezi

BabMongezi:”Cha landa lezimpahla.”

Ahambe ayobatshela umlayezo nabo bahlekane abuye nazo uNathi bazifake emlilweni naye akhumule lapho emlilweni asale nqunu ubabMongezi aphose ezakhe ayongena egunjini lakhe ageze abuye sekagqoke okunye, noNathi uhambe wayogeza abuye sekanoSinalo.

Sinalo:”Kunento eshiwo uanti Smangela engangihlalanga kahle ngilokhu ngiyayicabanga ngiyazi noCebi uyayicabanga.”

BabMongezi:”Anti wakho uhlala ahhema niyamazi nje.”

Sinalo:”Kungani athi ubhuti akazalwa umama?”

Nathi:”Wena mawungibhekile akangizali umama?”

Sinalo:”Angazi mina ngithuswe ukungathuki kwakho kanye nomama.”

BabMongezi:”Ndodana.”

Sinalo:”Cha babomdala ngifuna ukwazi.”

BabMongezi:”Masowazi bese wenzani?”

Sinalo:”Lutho ukwazi nje.”

Nathi:”Uqinsile uSmangela lento wangitshela yona ngisemuncane kodwa azange ngithukuthele ngoba ngabona indlela umama angithanda ngayo. Alukho olunye uthando lwamama engilufunayo nengilwaziyo.”

Sinalo:”Ngiyaxolisa bhuti.”

Nathi:”Khululeka mina ngikahle.”

Baxhawulane baqhubeke nokuma emlilweni

Nathi:”Manje babomdala ngoba inkosi.”

Amungene emlonyeni

BabMongezi:”Khululekani zingane zami ngeke ngimushade umawenu lento ngiyenziswe kuthi kuvaleke lesifiso sabo. Sizoqhubeka sihlale kanje mina masengithole indlu ngizophuma.”

Sinalo;”Siyabonga baba.”

Nathi:”Kona besithukile kodwa masesiyicabanga lento besizojwayela siyabonga ukubakhona kwakho.”

BabMongezi:”Hambani niyophumulake madodana.”

Bamuxhawule balandelane bayongena endlini, umlilo ucime naye ahambe afike eme ngasezimbalini ezinhle azibheke.

BabMongezi:”Ngiyathemba konke kuhambe ngentando yakho bafo.”

Kuthuleke

BabMongezi:”Ulale ngokuthula manje ungasavuki.”

Kusuke umoyana obandayo bese uyathula futhi eme elokhu ebuke lezimbali makaphenduka athuke umamGugu ume emva kwakhe.

BabMongezi:”Sisi wonke umuntu sekalele kungani ubhekile?”

MamGugu:”Ukhuluma wedwa lapho?”

Azimoyizelise ubabMongezi

BabMongezi:”Ngicela uyolala sisi.”

MamGugu:”Uyazibonakalisa nakuwe uMondli?”

Enze ngathi akamuzwa ubabMongezi

BabMongezi:”Kumele uyolala sisi.”

MamGugu:”Ngiphendule ingabe uyaziveza kuwe uMondli na?”

Nephimbo seliphakeme liyaqhaqhazela ubabMongezi uyazisabake izinyembezi akafuni mpela umuntu amukhalele noma akhale phambi kwakhe.

BabMongezi:”Sisi akazibonakalisi kepha nginokumuzwa kuthi ukhona namanje uqeda kusuka.”

MamGugu:”Kwenzakalani kanti bhuti?”

BabMongezi:"Sisi ungakhathazeki ngalento yokungenwa mina ngiyenze kuthi uButana akuyeke. Sizoqhubeka sihlale kanje uSinalo masekangitholele indlu ngizophuma njengohlelo vele."

Abheke phansi umamGugu asondele eme duzane nobabMongezi amubheke

MamGugu:"Ngiyabonga bhuti kanti asikho isidingo sokuthi uphume uyayibona lendlu?"

Esho ekhomba umuzi wakhe awubheke naye ubabMongezi

MamGugu:"Emva kokuzwa ngalendaba yokungenwa ngiyazi boButana nobaba bazifunela imali, ngihambile ngayofaka igama lakho. Sekuyindlu yakho le mina angisenalutho egame lami."

BabMongezi:"Kusasa sizovuka siye kwabezindlu uyolungisa lowo mhlolo owenzile. Mina angizelanga lokho la ngeke ngijatshuliswe amandla kamfowethu."

Amangale umamGugu akakaze phela amuthethise ubabMongezi ngalohlobo nasebusweni ushintshile.

MamGugu:"Mina bengenzela ukuthi mabangishadisa noButana ngenkani bangithole ngingenalutho. Wena ngiyakuthemba noma kungenzeka okuthile ngami kusasa ngeke uhlukumeze izingane zami."

BabMongezi:"Sisi hamba uyolala."

MamGugu:"Ngizamile ukulala kodwa ngicabangana nalamaxoxo owakhiphe egunjini lami manje akulaleki."

BabMongezi:"Ngiwakhiphile nawe uyasho ngeke asabuya, noma hamba uyolala noCebile."

MamGugu:"Nakusasa kuzobanjalo futhi?"

BabMongezi:"Ngizolala egunjini lakho namuhla ngoba wena uya kaCebile, mangivuka ngikahle kusasa uzokholwa kuthi akusenalutho?"

MamGugu:"Ngingajabula."

Amubuke umamGugu ashalazelle ubabMongezi ngoba uduzane kakhulu kanti akathandi kubuka umfazi kabhuti wakhe.

MamGugu:"Ngezinye izinsuku mangikubuka nginokubona umyeni wami ngqo njenganamuhla."

BabMongezi:"Ngiwubhuti wakhe kufanele kubenjalo ulale kahle Gugulakhe."

Amoyizele afulathele umamGugu amulandele ubabMongezi ayokhiya egunjini lakhe bese uya endlini, amubone ayongena egunjini laCebi. Acishe indlu yonke aqonde egunjini lamamGugu. Afike akhumule alale kusofa ngoba angafuni kuthinta umbhede…..

***ISIQEPHU 62***

***KWANTULI***

MamYoli:”Nana awujabulanga namuhla kwenzenjani?”

Sbo:”Ngiyacabanga nje mama.”

MamYoli:”Ucabanga ini?”

Sbo:”Ubani ubaba wami?”

Athule umamYoli asukume athele ujuzi ezingilazini ezimbili abuye abeke celeni kwendodakazi yakhe.

MamYoli:”Lejuzi ethengwe ilomngani wakho imnandi ngathi sesizomosha imali sikhohlwe ama wild island kancane.”

Amoyizele uSbongile okungatheni umawakhe ushawa uvalo

MamYoli:”Yazi mntanami bengazi ukuthi uzongibuza ngelinye ilanga, uyakhumbula ngathini kuwe usemncane ungibuza lento ukhala uthi abangani bakho banabobaba wena awunaye?”

Sbo:”Ngiyakhumbula wathi kimi washona ubaba wami bengibambelele kulokho kodwa mangilokhu ngikhula ngiyabona phela noma kungathiwa washona ubaba umndeni wakhe uphi.”

MamYoli:”Eqinisweni ubaba wakho angimazi ukuthi ukuphi nelizwe kepha yena ngiyamazi.”

Sbo:”Kwenzakalani ma kungani ungafuni ngihlangane naye?”

MamYoli:”Kunomndeni engangiwusebenzela njalo ngezimpelasonto ubaba wakhona wayehloniphekile nje enamashishini ethandwa abantu bonke. Kwenzeka ngenye impelasomto ngamufica eyedwa inkosikazi yakhe ingekho. Wandlidlwengula wangitshela kuthi ngiqede ukusebenza. Kwamele ngiziqinise ngiqhubeke nomsebenzi wabuya lobaba wazoziphinda. Kusukela lapho azange ngisaba ingane elungile ngashintsha nami ngazibona ukuthi ngiyashintsha. Azange ngisaya emsebenzini nasemsebenzini umalume wangibuza waze wangiyeka kuthi kungani ngingasayi emsebenzini.

Ngazama kuqhubeka neskolo emva kwezinyanga ezimbili ngathola ukuthi ngikhulelwe umalume wathukuthela ngagcina ngimutshela ukuthi ubani. Saya kalobaba sangamthola kwakukhona umkakhe yena wayenengane seyigijima nje ifunda nesikole.

Umkakhe wathi uzomazisa umyeni wakhe kepha wayethukuthele sahamba. Azange beze kuthe masengizoteta umalume washonuawabulawa abantu sihlezi ngaphandlle. Umalume wafa avikela mina wancwatshwake ubhuti wabuyela kulowa muzi ngoba nakhu inkosikazi yathi izomtshela ayisabuyi nempendulo. Safica lowo mndeni uthuthile omunye umama wayesebenza khona wangitshela ukuthi inkosikazi yakhe azange imtshele yena wamangala abantu sebahamba isibhudubhudu. Ngaya kwishishini lakhe ngathi babetsheliwe ukuthi ngingalinge ngivunyelwe ukungena ngoba azange ngithole ithuba."

USbongile ulokhu uyakhala umawakhe makamuxoxela elimushaya kakhulu ukuthi yena uyingane evele ngokudlwengulwa kwamawakhe.

MamYoli:"Ngiyaxolisa ngane yami ungixolele yazi ebusuku ngezwa sekungena abantu bashaya konke ngangena phansi kombhede ngokushesha. Bamosha konke labantu behhumuzela ukuthi bazongibulala baphuma bethembisana ukuthi bazohlala bagadile ekhaya mabangibona ngibuya bazongingenela. Mabahamba ngaphuma ngaqoqaqoqa engangizokudinga okuncane ngalinda ubhuti. Makafika ngamutshela konke washo naye ukuthi uzwile kuthi lomfazi ungithumezele ngabantu nguye futhi owayebathumele eqaleni makuzodubuleka umalume.

Umalume wakho wayefuna kuyomubulala kubafuna abathole kodwa ngangisabela impilo yami neyakho nganqaba ngathi angabathungathi. Sabaleka kanjalo kwamalume seza kukendawo kuzoqala impilo entsha."

Ubheke phansi uSbongile sekaze uphethwe isibibithwane ukukhala

MamYoli:"Ngiyaxolisa mntanami."

Sbo:"Ngiyazwisisa ma nami bengeke ngivume ngengane yami, ngiyazwisisa kuthi kungani ungigada ngalohlobo kodwa kubuhlungu kimi ma kuthi njalo mawungibuka mhlawumbe ucabanga into eyakuvelela."

Akhale uSbongile asukume ayolala azame kumududuza umawakhe kepha nakuye kubuhlungu kuyazwela. Azame kushayela uSinalo yize kusebusuku abuye azikhuze ahlale lapho aze ahambe ayolala naye. Balala embhedeni owodwa kube buhlungu kakhulu kuthi noma izumekile indodakazi yakhe iyakhala ebuthongweni.

Ekuseni avuke kuqala umawakhe ageze alungise kunzima kuthi aye enkonzweni ashiye indodakazi yakhe yodwa inje. Avuke naye uSbongile ageze angabonisi lutho baxoxe kahle yize esindeka. Amutshele vele kuthi ngeke akhone yena kuya enkonzweni angamuphoqi nomawakhe.

MamYoli:"Uzobakahle?"

Sbo:"Mama yebo kubuhlungu kodwa akusilona iphutha lakho ngizobakahle."

Ahambe umawakhe uSbongile aguduze acinge angakuthola nje mhlawumbe okuzomukhomba ubaba wakhe. Uyafuna kumazi noma angeke abe nobudlelwane naye

ukumazi nje amazele ekudeni. Ngeke asabuza umawakhe ngoba akafuni ukumuzwisa ubuhlungu. Kukhale ucingo lwakhe makalubheka uSinalo angaluphenduli ngoba izolo kudala azama kumushayela azange aphendule uzicabangela ukuthi abenomuntu wakhe uMihla.

Angatholi lutho abuyisele konke kahle ucingo lulokhu luyakhala aphume alande izigubhu zagogo waNhloso kuthi amukhelele amanzi.

Sbo:"Sawubona gogo."

Gogo:"Yebo mntanami."

Sbo:"Uphi uNhloso senginamalangana ngingamuboni."

Gogo:"Angimazi mntanomntanami uyamazi uyanyamalala abuye aqhamuke angiyazi lengane kuthi yini kangaka noma ingavelelwa okuthile ngeke ngazi."

Sbo:"Hawu bandla gogo kodwa ubusuwaphuzile amaphilisi ngoba engekho uyakhona kuwabona?"

Gogo:"Kudala anganginaki lowo mngani wakho mina ngiyaziphuzela amaphilisi, nawe uyangisiza ngokungilethela amanzi."

Sbo:"Ngizolanda izigubhu zakho."

Gogo:"Kulungile mntanami zithathe."

Azithathe uSbongile ezintathu makaphuma kagogo nangu uSinalo uyafika nemoto amubone naye amuhlangabeze ngezinyawo athathe izigubhu ezimbili.

Sinalo:"Yazi ngithukile ngithi kukhona okungahambi kahle ngoba ungabambi ucingo lwakho."

Sbo:"Nami izolo bengicabanga kuthi kukhona okungahambi kahle mawungabambi."

Sinalo:"Izolo bekuwusuku olude uyakhumbula ngikutshelile kuthi sizoya eNdabezitha ekhaya."

Sbo:"Lokho kwenza kuthi ungabambi ucingo lwakho? Noma ubungabambi inombolo yami kuphela?"

Sinalo:"Hawu siyaxabana kanti sthandwa sami?"

Sbo:"Ukuthi angifuni nje kwenziwa isilima mangabe awungithandi ungalokhu uza la wenza ngathi uyangithanda."

Bangene egcekeni ayofaka isigubhu esisodwa amanzi

Sbo:"Ngisalanda ezinye izigubhu ngigadele lezi."

Aphume asale amangele yedwa uSinalo abuye nazo azibeke bese ubuyela endlini, azifakele amanzi zonke zigcwale umubhekile efasteleni uSbongile uyazibuza ukuthi

ingabe wonke amadoda angabadlwenguli na. Aziphikise futhi kuthi abafani aphume aye kuSinalo asavala kahle lezigubhu.

Sinalo:”Aya kuphi lamanzi?”

Sbo:”Ngale komgwaqo kagogo.”

Sinalo:”Uwahambisa kanjani?”

Ngiginqa lezigubhu ngilokhu ngisikhahlela ngize ngifike.”

Kukhale ucingo lwaSinalo

Sinalo:”Hellow.”

Lwazi:”Unjani ndoda uLwazi lo.”

Sinalo:”Ngingakusiza?”

Lwazi:”Kusukela izolo angimutholi usisi wakho ingabe ungithukuthelele?”

Sinalo:”Eyyyy yazi usuku lwayizolo umndeni wami ubungekho kahle wonke yena akathukuthelanga, manje umushayele?”

Lwazi:”Manje alusangeni nhlobo.”

Sinalo:”Ngizomutshela akushayele mangifika ekhaya mhlawumbe luphelelwe ibattery akanakanga.”

Lwazi:”Ukahle yena?”

Sinalo:”Ukahle kakhulu futhi ukuphatheka kabi nje komndeni.”

Lwazi:”Ngiyabonga ngicela usheshe bandla.”

Sinalo:”Kulungile.”

Makaluvala uSbongile sekaswabile ngoba uzwile bathathe izigubhu baziginqele kagogo, uSinalo uhluleka nokudlala ngoba ujulile ngendaba yababomkhulu wakhe. Namuhla uthukile makabona ubabomkhulu wakhe aphuma egunjini lamawakhe ekuseni. Uyazibuza kuthi sekunjalo yina vele, kwamele bamukele nje. Baqede ngamanzi bahambe afike akhiphe amabhodo uSbongile kuthi apheke.

Sinalo:”Ngiyaxolisa kungaphenduli ucingo lwami angazi ngichaze njani kuthi bekumatasa izolo.”

Sbo:”Akunankinga Sinalo nami ngiphethwe izinto zami nje sengikhiphela kuwe ukukwata.”

Sinalo:”Kwenzenjani?”

Ayengezele izinyembezi angafuni kukhuluma anikine ikhanda

Sbo:”Ngizobakahle.”

Sinalo:”Sondela la uzokhuluma nami ungazijwayezi kuvalela izinto ngaphakathi. Noma ngingeke ngikusize lokukhuluma nje kuyasiza.”

Asondele ahlale celeni kwakhe amuxoxele indaba kababa wakhe lokhu akutshelwe umawakhe. Aqede sekakhale wakhala amushushuzele uSinalo naye uzwa ubuhlungu.

Sinalo:”Shhhhhh okubalulekile ukuthi uyaphila kuzolunga.”

Amubheke uSinalo amehlo akhe abomvu.

Sinalo:”Liphuma ngobani isikhathi isonto lenu?”

Sbo:”Ngo 12.”

Sinalo:”Asambe siyothengela umama ukudla uphumule nawe.”

Sbo:”Uzothukuthela akafuni umama ulokhu usebenzisa imali yakho la ekhaya.”

Sinalo:”Uzomutshela ukuthi ukupheke wena.”

Sbo:”Cha Sinalo.”

Angaphenduli azisule izinyembezi aqhubeke ngokupheka kwakhe.

Sinalo:”Ngicabanga ukuthi ngihambe uzosala uphumula.”

Sbo:”Kulungile.”

Sinalo:”Ubekahle uyezwa ungalokhu ukhala kakhulu uzozibangela ukugula nje, uyangazi ngikuphi mawungidinga.”

Amubuke uSinalo bese uyamuhaga amuqabule esiphongo

Sinalo:”Ungithinte mawungidinga noma ngabe nini.”

Sbo:”Ngiyabonga Sinalo.”

Aphume uSinalo ayongena emotweni yakhe….

***KWAMZOBE***

UMihla uphumile esibhedlela ngayizolo ukahle naye manje kodwa amahloni nje makaphambi kwabazali bakhe. Ukubakhona kwasesi wakhe kwenze omkhulu umehluko ngoba abezama kuxoxa yena kuthi bangathukuthelelani kakhulu.

Amanda:"Ngiyahamba namuhla ntambama."

Mihla:"Ngizobakahle."

Amanda:"Into ezokwenza isimo sibencono la endlini ukuthi wenze abakushoyo ubahloniphe."

Mihla:"Ngiyazi sisi."

Amanda:"Ungayi kaNsizwa futhi."

Aphume ayohlala nabazali bakhe

Mzobe:"Uyahamba namuhla mntanami?"

Amanda:"Eya baba kodwa ngizolokhu ngiza kuzonibona."

MaMzobe:"Usesi wakho uyahlambuluka?"

Mzobe:"Kumele ahlambuluke akukho okungenziwa."

Kubekhona okokodayo

MaMzobe:"Bheka kuthi ubani lowo ngoba nakhu ume ngezinyawo."

Ahambe ayovula uAmanda bamubone avula amehlo kuthi uyathuka

Amanda:"Sanibonani ma ningangena."

Kungene uKhumalo nomkakhe egcineni kungene uNsizwa, afuthelane uMzobe ngoba uvele wafunda kwezakhe ukuthi nguye lomfana futhi ukhulile kunoMihla. Bahlale phansi

Khumalo:"Sanibonani kwaMzobe."

Bavume uMzobe ubheke uNsizwa ngqo emehlweni yena akamubheki.

Khumalo:"Mzobe ngizoletha impendulo sifuna nokubuza ukuthi ukusiphi isibhedlela umntwana?"

Mzobe:"Uphumile esibhedlela ukhona."

Khumalo:"Mangabe inkinga ngeke ibe khona bengicela kuthi umbize sizokhuluma nabo bobabili ngoba kunenkosikazi kulento yabo."

UMzobe abheke uAmanda kuthi ayobiza usesi wakhe, abuye naye amehlo akhe mawahlangana newaNsizwa inhliziyo ibe buhlungu makacabanga ukuzinikela kwakhe

kuye. Ahlale phansi celeni kwamamawakhe abingelele bavume  amehlo aNsizwa ahlale esiswini esingabonakalisi kuthi sinengane.

Khumalo:”Ngiyabonga ndodakazi kunjani?”

Mihla:”Ngiyaphila.”

UmaKhumalo uyabila ngaphakathi kuye ngoba umubona kahle uMihla uyingane ekudeni kabi noNsizwa.

Mzobe:”Sikusiza ngani Khumalo.”

Khumalo:”Indodana iyalivuma icala kepha inesicelo sokuthi kungaziwa kuthi nguyena uyise wengane ngenxa yokufuna ukusindisa umshado wakhe.”

Ahleke uMzobe anikine ikhanda abheke indodakazi yakhe esekhalayo.

Mzobe:”Azange sathi sifuna amushade uma yena amukela kuthi ingane yakhe le akageze umuzi wami ukuthi uthini enkosikazini yakhe akundaba yethu leyo futhi ngeke simufihlise lemfihlo yakhe thina asifihli lutho.”

Khumalo:”Ingabe uMzobe ufuna siwugeze kanjani umuzi wakhe?”

Mzobe:”Imvu eyodwa.”

Khumalo:”Ephilayo?”

Mzobe:”Yebo ephilayo.”

Khumalo:”Khuluma Nsizwa lokhu obufuna kukusho.”

Aphakamise isandla uMzobe .

Mzobe:”Akanalo izwi noma iphimbo lulamagceke akwami lomfana kuyimanje kuyangicasula ukuthi ungene emzini wami ngalohlobo.”

Khumalo:”Kuyezwakala mnumzane sizocela indlela.”

Mzobe:”Kulungile.”

Baphume basale bathulile uMihla kuyabila kuye yena sekumele afihlwe kanjalo nje yize azomnika ingane le anganayo yena emshadweni wakhe.

MaMzobe:”Waze wayenza indaba Mihla ngokungalaleli awubheke nalomfana indoda endala ekudala kwasa ishefa.”

Athule uMihla usuku luqhubeke….

***ISIQEPHU 63***

***KWAKHOZA***

Umndeni uphelele kumnandi bayahleka bajabulile naye uKhoza akasawathukuthelelanga amadodana akhe. Sebamusizile noLwazi ngokubhala incwadi yakhe manje kubuhlungu kuye kuthi kungani ucingo lwaCebile lungangeni. Makaqeda kukhuluma noSinalo amtshele ukuthi akekho ekhaya uvele wathatha ukhiyo wemoto waphuma. Amulandele uMholi asangena emotweni.

Mholi:"Uyaphi waphuma ubaleka nje?"

Lwazi:"Ngiyobheka inkosazana izolo asibonananga ngoba bebengekho kubo."

Mholi:"Hayisuka ndoda yekela ingane ihlale nomndeni wakhe kusobala ngoba angababambi umatasa. Anikashadi wena sofuna kumugada."

Lwazi:"Suka endleleni bafo ngoba ngizokushayisa."

Mholi:"Eee Msizi nangu uhlanyiswa ikhekhe sekafuna kungishayisa."

Asondele naye ahleka

Msizi:"Ukhuluma ngaliphi ikhekhe ngoba akakalitholi."

Agegetheke uMholi

Mholi:"Hawu manje ujaheni kanti usancintshwa."

URose inkosikazi kaMsizi ucasulwa yilento ayiyo uMsizi ngoba akubo babanga umsindo ukhohliwe nje nguye.

Lwazi:"Bafo angithi ngifuna kuthi athole lencwadi bese nijika senazi usuku."

Rose:"Msizi ngicela kukhuluma nawe."

Umubiza ume emnyango uzibambe okhalweni ngesandla esisodwa

Msizi:"Ngiyeza."

Mholi:"Likhona iposi esangweni lakubo?"

Lwazi:"Angazi yazi kodwa angikhumbuli ngoba ukube belikhona bengizolibona ngenkathi ngishayisa isango lakhona."

Msizi:"Beselishayiselwani isango?"

Abaxoxele aze abatshele nokuthi ubhuti wakhona wamushaya ngezibhakela bamuhleke futhi umaKhoza nomyeni wakhe bababukile efasteleni bagaxene.

Khoza:”Ngaze ngaba nokuthula nkosikazi.”

MaKhoza:”Ngiyakubona ujabulile baba.”

Khoza:”Manje kushoda kuthi kungene umaNkosi kulamagceke.”

MaKhoza:”Uzongena lowaya uzongena ave ngimthanda.”

Khoza:”Ungabonisi abanye phela nawe kuthi ngathi uthanda umakoti omncane kakhulu.”

MaKhoza:”Ngizofihla baba ungakhathazeki indaba wangichaza umusa wakhe.”

Khoza:”Nami ngiyamuthanda kodwa ngizofihla.”

MaKhoza:”Umuthanda ukundlula umakoti omdala?”

Khoza:”Eqinisweni yebo kodwa ungasho phela nawe.”

Ahleke uDansile emva kwabo asondele azozifaka phakathi kwabo.

Dani:”Nihleba kanje kanti?”

Khoza:”Ungabese ukhuluma izimfihlo zethu wena.”

Dani:”Yazini baba ne ngiyabathanda bomakoti basekhaya kodwa nami ngathi ngithanda uthumbu ngoba ngamubona uzomuphatha kahle uLwazi nokunambuzela kwakhe.”

Bahleke futhi…..

## ***<u>KWANKOSI</u>***

UCebile ulale wavuka wageza wamangalela nomawakhe kuthi ungene nini egunjini lakhe.wahamba wayokwenza ukudla wabuyela walala futhi ngenxa yokukhathala. Uphaphama manje sekazizwa akhumbula isithandwa sakhe acinge ucingo lwakhe lucishile alufake emlilweni ahambe ayobheka umndeni. Kusaseduma njengayizolo kuze akuphekwanga umuntu umazibona. Aphume ayobheka ubabMongezi egunjini lakhe uDeliwe umubukile ayongena khona. Anikine ikhanda yedwa

Nathi:”Hawu anti kwenzenjani?”

Deliwe:”Ngibuke usesi wakho ngoba uyobheka ubhuti ngale.”

MamGugu:”UCebile kudala azithandela ubhuti bengize ngiswabe makamushintsha iduku akakile asemuncane.”

Deliwe:”Ayyy yena uyamukhonzile kahleni bo.”

Nathi:”USinalo uphi?”

Deliwe:”Uhambile uyamazi akahlali lowo.”

Nathi:”Nami ngifuna ukuphuma kancane ngiyobona uAmanda kubo.”

Deliwe:”Hayisuka bo yekela umakoti ahlale nomndeni wakhe uzobuya sekumele alandelwe noma evakashile.”

MamGugu:”Deliwe yekela ingane yami ubhuti wakho wayengiyeka yini yena ngoba ngangize ngithukwe kuthiwe ngimudlisile.”

Deliwe:”Kunento engiphathe kabi eshiwo uSmangela uSinalo noCebile bazwile ngesimo sikaNathi.”

Nathi:”Angiyithandi leyonto ngathi ngiyakhunjuzwa kuthi angizalwa umama, kudala ngiyazi mina lento kepha azange ingilimaze ngoba umama ungithandile.”

MamGugu:”Ngiyaxolisa ndodana.”

Deliwe:”Nami ngiyaxolisa khehla.”

MamGugu:”Uma ufuna ukumazi ngizokulayela kubo.”

Nathi:”Angifuni nokumazi ngoba nginaye umama.”

Asukume athathe isikhiyo semoto aphume basale bebukana, uCebile ngale makangena ubabomkhulu wakhe ulele phezu kwezingubo kepha umnyango uvuliwe. Angene amubheke

Cebi:”Baba.”

BabMongezi:”Mmmmm.”

Cebi:”Ngikulethele ukudla awukadli selokhu kusile.”

Avuke ahlale ngezinqe asondele naye ahlale celeni kwakhe amunike ukudla.

BabMongezi:”Usaphila?”

Cebi:”Ngikahle  kodwa bengikhathele.”

BabMongezi:”Uphi umfowenu?”

Cebi:”Unesikhathi aphumile.”

BabMongezi:”Ngiyabonga ngokudla sesi.”

Cebi:”Uphumule kahle.”

Aphume ayibuke indodakazi kamfowabo ubabMongezi iphuma seyikhulile bandla. Adle aqede makaphuma amukisa isitsha endlini abone imoto ine esangweni bahlohla incwadi eposini. Isuke imoto asale ayoyikhipha ngaphandle ibhalwe Baba nomamNkosi. Angene nayo endlini ayibeke celeni kwamamGugu andlule ayobeka isitsha. UCebile uhlezi no

anti wakhe kusofa. Ayivule umamGugu ayifunde ubabMongezi makafika emnyango sekathi uyaphuma amuzwe ababaza akhuza umhlolo.

MamGugu:"Hayibo nakhu ngihlolelwa."

Bonke basondele bazobona lomhlolo anike ubabMongezi lencwadi iso likuCebile. Afulathele aye egunjini lakhe umamGugu amangale uCebi ukuthi umawakhe wase ucwebisa amehlo ngathi ufuna ukukhala. Ayifunde ubabMongezi kepha inhliziyo seyikusisi wakhe ahlale phansi naye uincwadi isasesandleni.

Deliwe:"Kwenzenjani bhuti?"

Amunike naye athuke makathi uyayithatha uCebile azofunda naye anqabe ngayo anti wakhe.

BabMongezi:"Cebile awazi lutho ngalencwadi?"

Cebile:"Cha baba eyani?"

BabMongezi:"Ibuya kwaKhoza bacela kuzolobola."

Athuke naye makathi uyahamba amuvimbe ubabomkhulu athi akahlale phansi uvalo seludlala ngaye.

BabMongezi:"Ngaphambi kokuthi ngiphendule lencwadi ngifuna ukumbona lomfana, ninesikhathi esingakanani nithandana?"

Abheke phansi uCebile asabe kuphendula abuye umawakhe kumcacele ukuthi abeyokhala.

BabMongezi:"Ninesikhathi esingakanani?"

Athule futhi

MamGugu:"Ngeke akutshele baqale izolo lokhu abazani labantwana kepha sebafuna ukushada. Ubungasitsheli ngani Cebile?"

Cebile:"Bengingazi mama azange akhulume kimi."

Deliwe:"Naze nangehlula."

BabMongezi:"Yehlisa umoya sesi uma ungafuni ashade kuzomele alinde lomfana mina ngifuna kumubona sizokhuluma naye uyezwa?"

Cebi:"Eya ngiyezwa baba, ngiyaxolisa kukuzwisa ubuhlungu mama."

MamGugu:"Uyabona kwenzakakani kulomndeni Cebile wena ufuna ukushada awukakhoni nokuzisebenzela uzithengele noma isicathulo lesi kusasa uzobe sokhulelwe la hhayi kanti uMondli ungishiyeleni ngezinkinga ezingaka."

Deliwe:"Sisi yehlisa  umoya. "

MamGugu:"Cha Deliwe angifuni ngiyekeni ngomoya wami ophezulu."

BabMongezi:"Hamba uyophumula nana sizokhuluma masekukhona abobhuti bakho."

Asukume aqonde egunjini lakhe uthukuthele naye futhi uthukile akhiphe ucingo lwakhe aluvule ngapha uyagqoka. Ucingo lulokhu lungena imilayezo makaqeda alufake esikhwameni aphume. Umawakhe usakhala uyathetha futhi aphume bangamuboni, kuqhamuke uSinalo amise imoto agibele.

Sinalo:"Uluvaleleni ucingo lwakho ngoba uyakufuna uLwazi."

Cebile:"Ngicela ungiphelezele uyongibeka kubo."

Sinalo:"Umtshele akuthengele imoto nami ngiyakhathala manje."

Cebi:"Hayibo kahle Sinalo angithi kube bayavuma bengizozishayelela."

Sinalo:"Namuhla ngathi wonke umuntu ucasukile, kwenzenjani?"

Cebi:"Ngiyolungisa lokho."

Kukhale ucingo lwaSinalo aluphendule

Sinalo:"Sbongile."

Sbo:"Ngicela uzongilanda Sinalo manje mangabe uyakhona."

Sinalo:"Ngiphe imizuzu ewu 20."

Sbo:"Ngiyabonga."

Aluvale bahambe baze bafike mayima nje imoto kuhlezi uBongiwe noDansile kanye nomaKhoza ebaleni. Ehlike uCebile angalindi noSinalo ngoba ubiziwe…..

***ISIQEPHU 64***

***KWAKHOZA***

Bongiwe:”Esakuphike lesimomondiya esingenayo?”

Asondele sekanamahloni ngoba ubona ubuso angabazi

Cebi:”Sanibonani.”

MaKhoza:”Unjani sesi.”

Cebi:”Ngiyaphila.”

MaKhoza:”Hlala phansi.”

Ahlale celeni kwaBongiwe amehlo asegunjini laLwazi

MaKhoza:”Akekho uphumile nabobhuti bakhe kodwa ngiyacabanga bayabuya manje.”

Dani:”Kufuzile sebayabuya ithi ngikhiphe le braai stand.”

MaKhoza:”Intombi kaLwazi le, lona umakoti wala ekhaya omdala.”

Amoyizele uCebi baxhawulane amangazwe ilobucwebe obusesandleni izindandatho kuyo yonke iminwe.

Bongiwe:”Ungibize ngoBongiwe sthandwa sami.”

Cebi:”Eya.”

Asukume umaKhoza uDansile makamubiza

MaKhoza:”Buya Bongiwe uzopheka lephalishi elimanzi.”

Bongiwe:”Mama uthi ngisayazi leyonto mina.”

MaKhoza:”Ngakufundisa mawufika la ekhaya.”

Bongiwe:”Asambe ungasali wedwa sesi.”

Bahambe bayongena endlini uRose uzibukela ibhuku uhlezi kusofa

Dani:”Hey skoni lona intombi kaLwazi Cebi lona inkosikazi kabhuti olanywa yimina uRose igama lakhe.”

Avume ngekhanda uRose amoyizele uCebile aphume aye ekhishini kwabanye

MaKhoza:”Hamba uyohlala phansi sesi wena asikafiki isikhathi sokuthi uphithize.”

Cebi:”Akunankinga mama.”

Bazibonele ukuthi uRose akamuxoxisi basizane uCebile enze ichakalakala alayelwa uDansile kuthi ayenze kanjani. Babuye nenyama bayinongele khona ngaphandle babase bangezi endlini. UCebile alizwe iphimbo laLwazi afune kuphuma kepha abe namahloni ngoba unabanye.

MaKhoza:"Hamba uyobona umuntu wakho."

Cebile:"Usasebenza nami ngisaqedela la."

Dani:"Maye amehlo akho ayakhazimula mawumubona."

Bongiwe:"Noma kukhulunywa ngaye nje kumnandi ukuba mncane yazi nisayokwenza wonke lomhlolo."

Dani:"Weeeeee Bongiwe kahle ukufaka ikhanda lomntwana udodi."

Bongiwe:"Nginamanga na."

Dani:"Uqinsile kodwa."

UCebile ulokhu uyazimoyizelisa angene uMsizi futhi inkosikazi yakhe ihlezi phansi abanye bayasebenza angasho lutho aye ekhishini. Abuke uCebile ngoba akamazi ashalazele uCebi

Msizi:"Ngicela isitsha esikhulu sokufaka inyama."

MaKhoza:"Mana ngiyokukhiphela ngizosiletha ngaphandle."

Msizi:"Mama usafihla izitsha emakasini ezimpahla namanje?"

Dani:"Ngeke ayeke."

Baphume belandelana abuye umaKhoza nesitsha esikhulu asinike uCebi.

MaKhoza:"Ngisulele sona lapho ezinkini sesi."

Asigeze bese uyasindlulisa.

Bongiwe:"Simukise ngaphandle."

Cebi:"Ngiyasaba sisi."

Bongiwe:"Ncooooo awukasiboni nesithandwa sakho nje akunankinga ngizosihambisa manje. Khipha izitsha sibangakhi?"

MaKhoza:"Hhey la kwami akukho muntu ozodla yedwa sinobaba sizodlela esitsheni esisodwa nani nabayeni benu."

Bongiwe:"Mama mina ngiyadla futhi uMholi udla njengebhubesi."

Aphahluke uCebile ahleke

Dani:"Nizohawulisa mina futhi hhayi mama."

Akhulumele phansi uBongiwe

Bongiwe:”Ubani ozomukisela umisis ukudla ngoba mina ngeke.”

MaKhoza:”Phakani nihambe niye emakenu anizwa Bongiwe.”

Bahleke uCebile sekaqala kuhlambuluka kepha usathukile makacabanga isimo ashiye umawakhe akuso. Kungene uMholi azibonele uCebile ukuthi umyeni kaBongiwe ngoba naye unobucwebe ezandleni entanyeni kanye namagolide emazinyweni.

Mholi:”Kahleni bo siphi isitsha?”

Bongiwe:”Wuuùu ngikhohliwe nasi sthandwa sami.

Mholi:”Unjani muntuza?”

Bongiwe:”Uzokushaya uLwazi igama lakhe akusiye umuntuza.”

Amoyizele uMholi

Mholi:”Hawu yingakho ahlanya lomfana yerrrrr angimusoli letha isitshake muntuza.”

Aphume amulandele uCebile athuswe nayisibhamu sivela kancane emhlane ajike emnyango abheke emuva

Mholi:”Buya muntuza uzobona isoka lakho.”

Cebi:”Cha ngiyasaba.”

Amoyizele uMholi ajike

Cebi:”Ngisaba kushiya ukudla eziko.”

Amubambe ngesandla

Mholi:”Kukhona thina sodwa sesi yazi ngiyajabula indlela umfana sekhaya ajabule ngayo. Niqhubeke ngokuhloniphana uyezwa.”

Cebi:”Eya kodwa ngempela ngiyasaba kuvela ngapha bhuti.”

MaKhoza:”Mholi muyeke maan.”

Athathe isitsha ayofaka inyama uCebi abuyele endlini  baphakele abuye nenyama uMholi. Baphakele baqede babahambisele uCebi ayonika uRose ekwakhe.

Bongiwe:”Buya thatha ukudla kwaLwazi bonke sebayadla yena akanako sohlala ngaphandle sonke.”

Angabaze uCebile

Bongiwe:”Usaba bani kanti ngoba yithi sodwa.”

MaKhoza:”Ucabanga ukuthi ufana nawe lona wathi afika nje la ekhaya bangakashadi wahamba sekangene kuwo wonke amagumbi akwami.”

Bongiwe:”Bengibheka mama kuthi aninalo igumbi elingangeni muntu angifuni kushadela ebathakathini mina.”

Bahleke bahambe uRose asale yedwa makavela uCebile bonke babheke ngakubo afune ukujika amubambe uBongiwe. Basondele uLwazi sekakhamise injabulo wakhohlwa nokuthi kukhona abazali bakhe la. UCebi afike amunike ukudla kwakhe.

Cebi:”Sawubona.”

Lwazi:”Ufike nini nkosazana?”

Cebi:”Sizokhuluma mawuqeda ukudla.”

Lwazi:”Umbala wakho muhle.”

Azibuke uCebile

Cebi:”Ngiyabonga.”

Ahambe ayohlala nabafowabo uCebile abingelele uKhoza ayohlala naboBongiwe. Naye uphethe isibhamu njengomyeni wakhe sivela kancane makaphakamisa isandla. Baqhubeke badle bexoxa uMsizi uzwa ubuhlungu obuphindekile inkosikazi yakhe ihluleka nokuzenzisa ivele izikhethe nje. Kugezwe nezitsha uLwazi akasekho impela kubafowabo ulokhu ubuka uCebile kancane.

Mholi:”Bafo lungisa lendaba yenkosikazi yakho akusiyo impilo phela le ngiyakubona awujabulanga. Ngaphandle kobufebe lento ayenzayo cha ayilunganga.”

Msizi:”Imiphumela yokuzichelisa ekhaya masifika nje ngizokhuluma naye, ngiyayihalela lenjabulo engihlala ngishumayela ngayo kepha anginayo.”

Mholi:”Sekumele sihambe manje nami ngisayothetha amacala.”

Kungene umlayezo ocingweni lwaMholi awufunde asukume abize inkosikazi yakhe bayokhuluma bodwa le.

Mholi:”Uyayikhumbula leGermany car ekhishwe kulenyanga ephelile nje?”

Bongiwe:”Ngiyayikhumbula yenzeni.”

Mholi:”Kuneklayente laseCongo uyayifuna uzokhokha, ngihlakaze abafana bami ngoba eyokuqala seyithengiwe khona kulendawo esikuyo.”

Bongiwe:”Bayibonile?”

Mholi:”Yebo intswembu blind.”

Bongiwe:”Silindenike asilande letransi sithole inyuku.”

Mholi:”Sengithole nekheli lala ethengwe khona.”

Bongiwe:”Myeni wami asihambe siyohlanganisa sijike nalemoto.”

Mholi:"Sho sthandwa sami."

Bongiwe:"Kodwa kungachitheki igazi myeni wami lezibhamu siyathusa nje ngazo."

Mholi:"Nalabafana ngibatshelile sebasilindile nje."

Bangene endlini bonke ababonge ubaba wabo ngokuza abakhulekele umawabo bavalelisane bethembisa ukuthi bazobuya. Bahambe kufike noNsizwa azolanda inkosikazi yakhe, angamuboni uCebi kodwa ngoba usekhishini uyaphutha. Ezwe sekamuvalelisa nje uDansile

MaKhoza:"Cha sesi yekela lapho."

Ayekele naye avalelise uLwazi uhlezi nobaba wakhe

Cebi:"Nisale kahle baba sengiyahamba nami."

Khoza:"Kulungile mntanami."

Baphume benoLwazi aye ngasegunjini lakhe amulandele eme emnyango.

Cebi:"Angihlali Lwazi ngifuna kukhuluma nawe."

Lwazi:"Ngathi uthukuthele nje?"

Cebi:"Asambe sizokhuluma ngendlela."

Lwazi:"Ithi ngithathe ukhiyo wemoto."

Bangene egunjini lakhe avale umnyango avulele aircorn avale namakhethenisi ahlale phezu kombhede.

Lwazi:"Lento ofuna kuyikhuluma izwakala iserious asikwazi kuyikhuluma sihamba buya uzohlala phansi.

Cebile:"Ngikwatile Lwazi ungilobola kanjani ungangitshelanga, yazi umama uphatheke kabi kanjani."

Amubuke uLwazi amoyizele

Lwazi:"Ngikulobole nini manje?"

Cebi:"Lencwadi oyithumele asikazani kangako Lwazi."

Lwazi:"Ngakutshela ukuthi akudingi ngize ngilinde wena ungubambo lwami."

Cebi:"Ekhaya bafuna kukhuluma nawe kuqala, ungaphinde wenze lento oyenzile ungikwatisile."

Asukume uLwazi aye kuye amubambe ngesandla amuhlalise embhedeni amukhumule izicathulo zakhe abeke izinyawo zakhe embhedeni. Agibele naye balale babhekane

Lwazi:”Uthi ukwateleni?”

Cebi:”Angithandi wenze izinto ngingazi.”

Lwazi:”Ukwatile ngempela noma uphatheke kabi kuthi umawakho akajabulanga?”

Amuqabule asathi uyaphendula amuyeke futhi

Lwazi:”Angidingi ukulinda wena uyingxenye yami ngizoxolisa kumama kodwa angeke ngiwushintshe umqondo.”

Cebi:”Lwazi.”

Umubiza kancane  uLwazi abeke isandla sakhe ezinqeni amusondeze kuye baqabulane futhi, makamuyeka uCebile amuqabule futhi uLwazi. Abeke umlenze phezu kwakhe aheheke kakhulu amuqabule kakhulu afake isandla ngaphansi kwelokwe siye ezinqeni.

Lwazi:”Mmmmmm.”

Asihambise agcine sekamubhekisa phezulu yena abuye phezu kwakhe baqhubeke ngokuqabulana. Azikhumule isikibha akhumule nebhlukwe baqabulane futhi amuphendule uLwazi kuthi eze phezulu ahlale ngezinqe phezu kwakhe ilokwe selihamba phezulu. Amukhumule lona amukhiphe nobra aphakame ahlale ngezinqe amuncele amabele kancane elokhu ewashintsha.

Cebi:”Kumele ngihambe manje.”

Lwazi:”Ngiyazi.”

Amuyeke babukane ehlike uCebile kunzima kuLwazi kepha asukume aye endlini encane makabuya sekagqokile waqeda uCebile. Athathe ibhlukwe lakhe aliphendule kuthi aligqoke. Asuke alilahle phansi adonse uCebi amuqabule bemile afake isandla phansi kwelokwe futhi isandla masifika ezinqeni akasaligqokanga iphenti. Aqume uLwazi ngephimbo elindodanyo amukhumule ilokwe baye embhedeni beqabulana. Sebayalwa manje nemizwa avule la abeke khona amacondom abuye phezu kwaCebile amuqabule futhi amuncele azibambe isitho kuthi ezwe umanzi mazihlangana izitho zabo abhonge uLwazi.

Athathe icondom ayifake abuye amuqabule uCebi ahlukanise imilenze kakhulu naye azibeke kuye. Azincenge aze angene

Lwazi:”Ohhhhh nkosazana.”

Amufende uCebi kuye kuzwakala ubuhlungu kodwa abufani nalobu abuzwiswa uNsizwa, uLwazi umuncenga kahle. Amufende umzimba wonke waLwazi sewujabulela ubumnandi.

Cebi:”Qeda Lwazi kubuhlungu.”

Lwazi:”Phephisa nkosazana.”

Afende amuqabule ngenkani angafuni aze avume agcine sekakhohliwe ubuhlungu ugxile kulomcabuzo uCebi. Baqabulane ngapha uyafenda uLwazi amudlalise iclit ngesandla aqhubeke ngokumufenda. Ukukhala kwaCebi kugcwale izindlebe zakhe kumubalekise negazi lakhe kwenze imizwa imusheshisele. Amangale sekazifendela uCebile kanti sekalawulwa imizwa.

Cebi:”Mmmmmmmmm Mkahthini.”

Afende kakhulu uLwazi noCebile sekakhalisa okwesimaku azizwe eshisa ekhincini uLwazi siphume isidoda. Angayeki kufenda ngathi simulawula kuthi abhonge afende kakhulu. NoCebi achame azibone egoqana umzimba uvevezela ngapha uLwazi uyabhonga ukhohlwe yikho konke nguye noCebi kuphela kulomhlaba. Aqhubeke afende kancane kancane aze ayeke aziwise celeni kwaCebile akhiphe icondom ayiphuthele kahle. Alale emva kwakhe amubambe……

***ISIQEPHU 65***

***KWANSIZWA***

UDanisile ujabulile abe nomndeni wakhe wonke ulokhu uyacula aphinde adanse uNsizwa ngapha udliwa unembeza uyazibuza ukuthi kanti lengane kungani ingahlalanga kumkakhe kunoMihla. Yena angeke aqambe amanga ingane akanandaba nayo kepha ngenxa yabazali bakhe bamenze wayihalela belokhu bethi ababe nengane.

Dani:"Babakhe ukude ngomcabango kwenzenjani?"

Nsizwa:"Akunalutho mamakhe ngiyajabula nje kukubona ujabule ngalohlobo."

Dani:"Uqinsile ngijabulile myeni wami abobhuti bami babuyiselene nobaba, nami sengiyintandokazi yakhe futhi umyeni uhlezi enami ngizathi ngifunani kanti emhlabeni kaJehova."

Nsizwa:"Ngiyakuthanda mamakhe kakhulu futhi."

Dani:"Wuuuu uthandwa yimina myeni wami mina nawe siya kude nempilo, ngisayogeza ngamanzi wakwami ngilale embhedeni wakwami phela ekhaya kusekhona umbhede omncane loya."

Ahleke uNsizwa

Nsizwa:"Akukho okufunayo?"

Dani:"Nop ngifuna ukuba nomyeni wami nje mangiqeda la."

Nsizwa:"Ngisho okudliwayo."

Dani:"Vula lesitsha engifike naso ngikuphathele inyama."

Asivule

Nsizwa:"Hawu benosa inyama awusangibizi."

Akasamuzwa sekayageza abuke indlela amuphakele ngayo athinteke uNsizwa akhiphe ucingo lwakhe ashayele ubaba wakhe.

Khumalo:"Ndodana."

Nsizwa:"Baba ngicela ungisize ngiyazi ngikhule ngikuphathisa ikhanda kepha ngidinga usizo lwakho."

Khumalo:"Sowenzenike manje Nsizwa?"

Nsizwa:"Lutho baba ngithuswa ilesimo engizifake kuso angifuni kulahlekelwa umkami baba. Ngicela ungisize ngakho konke okusemandleni ngiyayithanda inkosikazi yami."

Khumalo:”Okuzosiza ukuthi wena ungasayi lapha kwaMzobe ngizokwenza konke mina, ukulanda ingane ukuyimukisa konke nje.”

Nsizwa:”Ngizokwenza njalo baba.”

Khumalo:”Angifuni ukuthi  ube nento  esemahlombe akho kubuhlungu ukuba nemfihlo ndodana yizwa ngami. Abantu bazokubona uphila uhamba lapha uthuthuka bangazi ukuthi uyafa ngaphakathi. Angifuni uhambe ezinyathelweni zami, nayo lendaba yengane izovela mhlawumbe izobe seyikhulile angazi kodwa izovela. Okwamanje wena iba kude.”

Nsizwa:”Ngiyabonga Mntungwa.”

Khumalo:”Sekabuyile ekhaya umakoti?”

Nsizwa:”Ubuyile baba.”

Khumalo:”Kulungile fana umubingelele naye.”

Bavalelisane adle uDansile abuye sekagezile wagqoka waphola

Nsizwa:”Imnandi lechakalala.”

Dani:”Beyenziwa intombi kaLwazi namuhla uthumele incwadi.”

Nsizwa:”Lomfana kini uyathusa makathanda yena uthanda ngakho konke ngathi angamuphatha kahle.”

Dani:”Bayathandana nalona bandla nobaba uvele wamuthanda kodwa umama Nozibusiso wayengamuzwisisi.”

Nsizwa:”Ngicela ungikhiphele ubhiya.”

Dani:”Awusebenzi kusasa?”

Nsizwa:”Ubaba uthe uzoya.”

Amunike alivule aphuze kancane aqhubeke nokudla aze aqede belokhu bexoxa okungatheni. Bagcine sebeqabulana bayokwanelisa imizwa yabo……

***SBONGILE***

Kunzima ukugwinya lento ayixoxelwe umawakhe uSbongile noma azama kepha kuyafana. Ubuyile umawakhe wamufica aphekile

MamYoli:"Hawu sesi ukube uphumulile nje."

Sbo:"Bengingakhoni kulala mama ngihlushwa yilento."

MamYoli:"Ngiyazi ungibeka icala ngokungakutsheli."

Sbo:"Cha ma angikubeki icala nakancane futhi ngiyabonga ngendlela ongikhulise ngayo wangenza ngazihlonipha, ngasaba nokuba nesoka."

Bamoyizelelane

MamYoli:"Ngikukhululile manje usukhulile ungaba nalo isoka, akekho omuthandayo noma abakusheli?"

Ahleke uSbongile

Sbo:"Ahhhh mama abafana basile abanye bayazibonakalela nje mabashela kuthi bafuna kulala kuphela ngendlela ababukana ngayo."

MamYoli:"Asikhulume ngoSinalo yena uzizwa njani ngaye?"

Amoyizele abheke eceleni.

MamYolii:"Uyamuthanda ngibona emehlweni."

Sbo:"Eya cha yena ungihehile kodwa unentombi."

MamYoli:"Yena uke wazibika kuwe?"

Sbo:"Hhayi ngamagama aqondile kodwa ukwenza kwakhe kuyazisho."

MamYoli:"Awukamoshi isibaya sami?"

Sbo:"Haaa mama."

MamYoli:"Ngiyabuza ngifuna ukwazi angithi singabangani."

Sbo:"Cha akukafiki lapho uSinalo angimazi noma uyangisaba noma kanjani mangimukhuza kanye nje bese akasasondeli."

MamYoli:"Wena ufuna akusondele kanti Sbongile?"

Sbo:"Hhayi ngaleyo ndlela mama wena awuzwisisi."

MamYoli:"Ngenze ngizwisise phela."

Sbo:”Abekhona ekuseni ungifice ngingekho kahle wazama kungithulisa mina nganqaba uze wahamba engidonsela amehlo.”

MamYoli:”Ubusufuna akuthulise wena?”

Sbo:”Ngizizwa kahle manginaye ma.”

MamYoli:”Yazi ngibona lomfana ekuhlonipha mhlawumbe uyakubona ukuthi usemuncane akafuni kukumosha nawe ungaziphosi kuye.”

Sbo:”Ngiyazi ma ngeke ngilale namuntu.”

MamYoli:”Uzolinda umshado?”

Sbo:”Inhliziyo yami ifuna lokho ma ngifuna kulala nowesilisa oyedwa mina.”

MamYoli:”Ngikuthembe?”

Sbo:”Ngithembe ma.”

MamYoli:”Kulungile ngiyakuthemba.”

Sbo:”Ngiyazwisisa mama kodwa ngicela makungenzeka uhlangane nobaba ngicela ungikhombe yena noma ngingeke ngisondele kuye nje.”

MamYoli:”Kulungile sesi ngiyabonga ngokuzwisisa.”

Sbo:”Yazi amanzi ngiwakhe noSinalo namuhla.”

MamYoli:”Hawu ngiyabona zonke izigubhu azikho.”

Amoyizele uSbongile amucabange

Sbo:”Ngingakucela okuthile ma.”

MamYoliswa:”Ngilalele.”

Sbo:”Ngicela kumuvakashela ngibe naye mama.”

MamYoliswa:”Nini?”

Sbo:”Namuhla mama ngibuye kusasa.”

MamYoli:”Sbongile uqeda kuthi.”

Amungene emlonyeni

Sbo:”Yebo mama ngeke ngilale naye ngingalala egunjini lasesi wakhe.”

MamYoli:”Sesi uyangithusake manje uyayazi injani imizwa kodwa?”

Sbo:”Mama ngiyakucela angithi ubungivalela la endlini ngiyaziqabuka lezinto engizizwayo ngifuna ukuzizwa kakhulu.”

MamYoli:”Hayibo nawu umhlolo wami.”

Ayibuke indodakazi yakhe

Sbo:”Ngeke ngilale naye mama.”

MamYoli:”Cela kumalume wakho.”

Sbo:”Mama umalume uzofuna kuhamba nami uyamazi nje.”

MamYoli:”Hhayi hamba ntombi kaSinalo umama uyakuthemba kodwa inhliziyo yami ibuhlungu.”

Sbo:”Ngobani mama?”

MamYoli:”Uthando lumnandi sesi lubuye lube buhlungu ngicela uhlakaniphe ungavumi into engasile.”

Sbo:”Ukhona wena mawami ngizokhuluma nawe ungibonise.”

Bahagane ahambe uSbongile ayogeza futhi ashintshe ashayele noSinalo kuthi amulande.

MamYoli:”Phuma phela ngikubone ugqokeni.”

Sbo:”Mama uzongikhumulisa.”

MamYoli:”Ngeke.”

Avele

MamYoli:”Awukwazi kuvakashela umfana ugqoke ilokwe ngikutshelile angithi ngemizwa.”

“Hayibo noma angavakasha agqoke amajean amathathu ayakhumuka nje kahle yena ingane wena.”

Babheke emnyango bobabili

MamYoli:”Ulove enkonzweni ufika sofakaza la, ngena.”

Angene

Nokuthula:”Manje uyaphi unana?”

MamYoli:”Wuuu ntombi ngitshelwe emehlweni uthi uvakashela isoka.”

Babukane amoyizele uNokuthula

Nokuthula:”Mina ngizocela amalalo namuhla kuphela ngoba ngingena ekuseni kakhulu kusasa kusekudeni la engihlala khona.”

MamYoli:”Mangabe uzolala kusofa inkinga ayikho.”

Bahleke ahambe ayothatha isikhwama angene naso

MamYoli:”Ziphi izinto zokulala?”

Sbo:”Ngizipakile kanye nezinto zokugeza.”

MamYoli:”Letha ngiwabone anjani.”

Sbo:”Ilawa amhlophe mama.”

MamYoli:”Faka lawa asebusika apink.”

Sbo:”Hawu mama ngizolala njani kushisa kanje.”

MamYoli:”Isilk ayizwa maaan sesi.”

Nokuthula:”Yoliswa yekela umntwana umuthembe hawu.”

MamYoli:”Ngizokuhlola mawubuya.”

Sbo:”Ayikho inkinga mama.”

Afike uSinalo bezwe ngemoto ima alunguze uNokuthula

Nokuthula:”Ncoooooo bantu bahle bobabili bayafanelana khulula inhliziyo mawakhe.”

MamYoli:”Ithi ngisithele angifuni nje abe nomqondo wokuthi ngimunikezela ngengane yami kumele azi ukuthi angisuye umngani wakhe.”

Ayozingenela egunjini makafika angamuvumeli kuthi angene uSbongile asheshe ukuphuma avalelise kuNokuthula. Usamangele uSinalo ukuthi ubizelweni uSbongile aqonde emotweni afike eme celeni kwemoto. Amuvulele uSinalo angene agone isikhwama sakhe ayisuse.

Sinalo:”Uya kuphi?”

Sbo:”Ngicela kukuvakashela Sinalo kodwa singenzi lutho.”

Amangale kodwa inhliziyo ijabule mabandlula ngakhabo Mihla axolise ngenhliziyo uSbongile. ‘uzongixolela my ex friend ngiyalithanda isoka lakho futhi wena unelinye uzoshesha ukukhohlwa.’

Sinalo:”Uqinisekile angifuni uzizwe ngathi ngiyakuphoqa.”

Sbo:”Nami angifuni uzizwe ngathi ngiyakuphoqa uma ungakhoni kuba nami ngizozwisisa.”

Sinalo:”Kumele sikhulume kuqala.”

Sbo:”Ngilalele.”

Sinalo:”Mina angikho msulwa Sbongile nginamaphutha ngenxa yokuphila ngokunganaki. Uyabazi abafana ngikhule kahle nginakho konke bengingacabangi nje mina bengifuna kuziculela kuphela, namantombazaneke ngapha nangapha. Nginezintombi yonke indawo la sihamba sicula khona. Abanye basangishayela.”

Ayengezele izinyembezi uSbongile abone kuthi usheshe wajaha izinto

Sinalo:"Cha lalela ungakhali angikaqedi, ngaloluya suku sixoxa ngempilo wangiphaphamisa kancane. Ngibona impilo ngendlela ehlukile manje nawe ungiphefumulisa ngamaphayiphi ngapha.."

Amoyizele uSinalo amubheke

Sbo:"Kusho ukuthini yonke lento ongitshela yona?"

Sinalo:"Ngicela ungilinde ngishanele bonke Iobusafa  bengikwenza bese ngibuya kuwe mama wezingane zami my dentist."

Sbo:"Manje ngibuyele ekhaya?"

Sinalo:"Cha awungizwa ngithi ngiyakuthanda angifuni kuhlangana nawe ngisahlangahlangene ngicela ungilinde."

Sbo:"Nami bengingahlelanga kuthi sihlangane Sinalo ukuthi kumnandi ukuba nawe ngathi ngingaba nawe isikhathi eside ngibone kuzokwenzakalani."

Babukane amoyizele uSinalo amuphulule esihlathini

Sinalo:"Waze wangena ekhaya awusaphumi ngizokuthanda ngenkani nomndeni wami ukuthande ngenkani, uyavuma?"

Sbo:"Isikhathi esingakanani Sinalo kuzaze kuqhamuke elinye ibhungu ngithatheke."

Sinalo:"Ngikuphe isikhathi esingakanani?"

Sbo:"Namuhla masifika endlinike uyabashayela bonke uyahlukana nabo."

Agegetheke uSinalo

Sinalo:"Ufuna kukhale esakho kuphela isicathulo?"

Sbo:"Nje."

Asuse imoto uSinalo ulokhu uyamoyizela uyamubuka afike umawakhe ahlezi ngaphandle noDeliwe, ayimise imoto.

Sbo:"Umawakho."

Sinalo:"Bayaxoxa ngeke banginake futhi mabakubonile ngizobatshela angithi ukuthi sizolahla izintombi zonke manje sidinga indawo ethulekile."

Behlike baqonde endlini bangabanaki vele baze bayongena egunjini likaSinalo….

***ISIQEPHU 66***

***LWAZI***

Cebi:”Kumele ngihambe manje.”

Lwazi:”Ngisahalela kuba nawe.”

Cebi:”Ngizokubona emsebenzini kusasa.”

Lwazi:”Yazi sengijahile kuthi sivuke ndawonye sisonke, asambe angifuni ube senkingeni nomndeni wakho.”

Sebaqedike kugeza agqoke

Lwazi:”Manje uhamba ungagqokanga phenti?”

Cebi:”Limanzi angithi uyanginaphaza.”

Lwazi:”Likhona owalishiya eqaleni ngenkathi ungincisha.”

Bahleke bobabili amukhiphele amunike bahambe sekumnyama baxoxa kamnandi kuyahlekwa.

Lwazi:”Uziphathe kahle nkosazana uyezwa.”

Cebi:”Kulungile kodwa uma uzongithembisa ukuthi uzongiyeka ngifunde ngenze into engiyithandayo engijabulisayo.”

Lwazi:”Efana nani?”

Cebi:”Kusebenza kuba nezingane ngesikhathi engikahle ngaso.”

Lwazi:”That goes without saying, wena uzowawasha ama overalls ami anamalahle?”

Ahleke uCebile

Cebi:”Phela lapho sizoba ngophathina.”

Lwazi:”Kanye noSinalo nomndeni wakhe.”

Bahleke bafike behlike bobabili

Lwazi:”Uhambe kahle nkosazana.”

Cebi:”Ngizokubona kusasa Mkhathini.”

Lwazi:”Ufuna ngijike nawe?”

Bahleke

Cebi:”Noma nini.”

Bahagane

“Cebile.”

Amuyeke ngokushesha athuke uanti wakhe uDeliwe ume esangweni bona babuqamama.

Deliwe:”Uyakubiza umawakho nalesoka lakho manje.”

Lwazi:”Ngipake endleleni ithi ngiyisondeze.”

Angene noCebi amubuke uLwazi ngoba kuduzane phela la amuhleke kodwa ngaphakathi wenziwa ukuthuka, basondele ngemoto anti avule isango athi ayingenise. Bangene mabafika endlini baphelele ngaphandle kwaSinalo, athuke uLwazi azibuke ugqoke nebhlukwe elifushane. Bababheke nabo bahlezi etafuleni.

BabMongezi:”Nizoma lapho emnyango bese?”

Basondele uLwazi sekadlala ngokhiyo wemoto makaphakamisa amehlo nje ahlangana newaNathi.

BabMongezi:”Hlalani phansi.”

Bahlale afake ukhezo ubabMongezi emlonyeni ahlafune kahle aqede

BabMongezi:”Ubuyaphi nengane yami ngaleskhathi?”

Lwazi:”Ahm ngiyaxolisa besisekhaya.”

Aqhubeke adle futhi bonke bayazidlela ababuzi lutho uNathi ulokhu abuka uLwazi aphinde adle. UAmanda ufuna nokusihleka lesenzo sikababMongezi.

BabMongezi:”Cebile uhamba nobani?”

Cebi:”ULwazi.”

BabMongezi:”Akanaso isbongo?”

Cebi:”ULwazi wakaKhoza baba.”

BabMongezi:”Bhovungane wena uhlangene nini noCebi ngoba sofuna kumushada?”

Lwazi:”Ezinyangeni ezimbili ezendlule.”

Amubuke ubabMongezi aphuze engilazini yakhe

BabMongezi:”Pho ujaheni kangaka mangabe izinto ziyajika kwenzeke ungasamuthandi, noma manje mhlawumbe awumthandi uphethwe inkanuko.”

Lwazi:”Ngiyamuthanda baba uCebile lokho angikungabazi.”

BabMongezi:”Cebi nawe ufuna kushada manje?”

Abheke umawakhe uCebi abheke noNathi abuye ashalazele

Cebi:”Eya baba.”

BabMongezi:”Khoza abazali basaphila bobabili?”

Lwazi:”Eya baba.”

BabMongezi:”Bayazi ngencwadi?”

Lwazi:”Ngiyibhale nginabo.”

BabMongezi:”Uphi umama wengane?”

Cebi:”Baba ngiyamuthanda nayo ingane yakhe.”

BabMongezi:”Ngizokwenza ngathi angilizwa lephimbo lenyoni ezindlebeni zami, phendula Bhovungane.”

Lwazi:”Sineminyaka emihlanu sahlukana.”

BabaMongezi:”Usebenzaphi?”

Lwazi:”Ngakha izindlu.”

BabMongezi:”Ngiyakuzwa makuphela lapho uzokwenzanjani uCebi akakhulanga ngokuswela angifuni lokho kuqale sekaganile. Mawungakuphelela umsebenzi lapho ezindlini uzomuphilisa ngani uCebile.”

Lwazi:”Makuphela kuba khona abanye abafuna ukwakhelwa akupheli ukwakha baba.”

Cebi:”Akasebenzi khona njengomsebenzi ishishini la.”

Amubambe ngesandla phansi kwetafula uLwazi makamubheka anikine ikhanda, athule uCebi angasaqhubeki. Amoyizele ubabMongezi makabona lesenzo

BabMongezi:”Mina ngeke ngithi kuwe ungadlali ngaye uyakwazi okukahle nokuwrong kodwa angikuxwayise boNkosi abazwani namanyala, awuyithinti ingane yami ungakaloboli.”

MamGugu:”Mangabe abakathintani bhuti.”

Babheke phansi

BabMongezi:”Ngiyathemba anikafiki lapho.”

Kuthuleke

BabMongezi:”Ungakhululeka.”

Nathi:”Uyabuphuza utshwala?”

Lwazi:”Ngalelo langa.”

Nathi:"Wabugcina nini?"

Lwazi:"Angisakhumbuli kudala."

BabMongezi:"Ungakhululeka mfana."

Asukume uCebi makathi uphuma naye

Nathi:"Ngizomuphelezela Cebi."

MamGugu:"Angifune msindo Nathi."

Nathi:"Khululeka mama."

Baphume uLwazi ugadile kodwa kuthi kungaqhamuki isibhakela enganakanga. Mabafika esangweni eme uNathi angavuli

Nathi:"Ngike ngakubona ugcwele amalahle  kodwa lapha endlini uthi uyakha."

Lwazi:"Ngibuye ngithengise amalahle."

Nathi:"Ngiyawafuna kunekhampani yababa ewadingayo laba bebasifakela sebashintshe izinto sabayeka."

Lwazi:"Ikhampani yani?"

Nathi:"Ngicela ungixhumanise nomphathi wakho konke ngizokuzwa ngaye."

Amoyizele uLwazi

Lwazi:"Amalahle awafani kukhona wokubaselwa ukupheka kubekhona wokubaselwa izinsimbi, ahlukene kaningi. Mangiyokhuluma nomphathi wami uzofuna ngize nalolo lwazi kuye."

Nathi:"Amalahle ezinsimbi, kusetshenzwa ngezinsimbi lapha."

Lwazi:"Kulungile ngizokhuluma naye ngizotshela uCebi kusasa akwazise."

Nathi:"Cha thatha inombolo yami angizwani nomlayezo ngoba ushintsha kaningi."

Awathathe amanombolo uLwazi bavelisane amuvulele isango ahambe uCebile ulokhu ubalunguze efasteleni lasegunjini lakhe. Makababona behlukana kahle axole…

***NHLOSO***

Nhloso:"Uzongikhulula nini ukuya ekhaya kodwa ugogo sekakhathazekile ngami?"

"Kudala udla imali yami uyiphuza angithi manje ukhaliswa yini wenza ngathi unendaba nalogogo wakho."

Nhloso:"Phinda ngivumele ngihambe ngizobuya futhi, yazi mangingathola ithuba lokukhuluma nogogo kanye nje."

Phinda:"Qeda lapho uhambe uyophumula."

Nhloso:"Ngidinga kuyobona ugogo angifuni ukuphumula."

Phinda:"Uzoya kusasa."

Nhloso:"Phinda nayizolo ungithembise lokho nanamuhla futhi."

Phinda:"Ngizocasukake manje."

Asuke uNhloso ayongena egunjini lakhe, muhle umuzi kaPhinda uhlanzekile futhi. UNhloso wahehwa ukuthanda izinto kuye makabona imoto ahamba ngayo. Wakhohlwa nawukukhalela uNsizwa ngoba besekazitholele lesoka. Sekamuthathe isonto lonke akafuni aye kubo. Yimanje la akhumbula amazwi kagogo wakhe kanye nemfundiso yakhe. Kahle kahle ugogo wakhe umukhulisile akusilo iphutha lakhe kuthi wamushiya umawakhe. Ugogo wamulanda kulomuzi ayemushiye kuwo umawakhe nakhona umfana wakhona wayemudlwengula.

Ukube azange amulande ugogo wakhe mhlawumbe kube kudala afa akhale uNhloso athathe ucingo lwakhe abhale umlayezo awuthumelele uSbongile kuthi ayofundela ugogo wakhe. Agibele phezu kombhede

Nhloso:"Gogo ngiyaxolisa ngakho konke."

Abuye athathe ucingo lwakhe azilikhode ugogo azozwa iphimbo lakhe

Nhloso:"Gogo ngiyaxolisa ngendlela engiziphatha ngayo, ngiyathembisa mangibuya ngizokukhelela amanzi ngenze konke owangifundisa kona. Ngihlale isonto lonke ngingakuboni ngiyasizwa isikhala sakho kimi. Ngiyabonga ngokungilanda lapha kaMavundla. Iphutha alikho kuwe yimina nje obengalaleli kodwa manje sengiyathembisa ngizohlala ngikulalela. Ngiyakuthanda gogo uliqhawekazi lami."

Akhale uNhloso awuthumele nawo umlayezo wephimbo lakhe abuke isithombe sagogo sakudala. Phela wayenganandaba nogogo izithombe zakhe akanazo yilesi kuphela. Naso akasakhumbuli kwakwenze njani aze amuthathe sona. Asiqabule khona ocingweni abeke ucingo lwakhe esifubeni. Abuye akhumbule okunye futhi asukume abeke ucingo lwakhe kahle etafuleni kuthi likhone ukumuqopha kahle. Abuyele ahlale phezu kombhede azisule izinyembezi.

Nhloso:”Gogo ngishawa uvalo ngiyazi ngakona ngicela ulwamukele uxolo lwami ngixolisa kusukela ekujuleni kwenhliziyo yami. Ngiyafisa ukuzwa iphimbo lakho manje ukhuleka.”

Kuvuleke umnyango athuke abheke kungene inkunzumalanga yenyoka angakaze ayibone. Amemeze uNhloso  isondele ifike ngasezinyaweni zakhe ivule umlomo. Amemeze masekacacelwa ukuthi iyamudla lenyoka. Iqhubeke nokumugwinya inyoka maseyifika okhalweni akasanawo amandla kepha usabona sekaphume nemithambo kuqhume  amathambo qhu qhu qhu qhu. Abhekise amehlo ngasocingweni abone ukuthi lusaqopha locingo, akhuleke ngenhliziyo.

Nhloso:’Ngiyazi ngiyisoni kulomhlaba Nkosi yami kepha ngicela uvule indlela locingo luwele ezandleni ezikahle.’

Abhekise  amehlo ngasemnyango angene uPhinda. Abe nethemba lokuthi uzomusiza ngoba lenyoka ibangenele akhale makamubona agoqa izandla abukela.

Phinda:”Udlile imali kaPhindasizwe nawe uyadliwa manje uzongenzela imali eningi.”

Akhale uNhloso ingqondo yakhe imuvezele ugogo emukhuza

Gogo:”Uzozisola ngalezinto ongenza zona uyangizwa. Nhloso uzongikhumbula ngingasekho kulomhlaba.”

Ziphume izinyembezi amehlo aye ngokubamnyama angasaboni luthi nezinhlungu zokuphuka kwamathambo. Mayiqeda ngaye inyoka ibhodle iphume ngomnyango……

***ISIQEPHU 67***

***MIHLA***

Avuke ekuseni uMihla abone ukuthi ake ahamba hambe ngoba sekahlala ehlezi, azame inimbolo kaNsizwa futhi lutho ukungena. Aye ekhishini uyazi umawakhe uhlala alushiya khona aluthathe aphume nalo makafika emgwaqeni amushayele. Lukhale alubambe

Nsizwa:"Hellow."

Mihla:"Ngicela ungaluvali ngiyacela."

Nsizwa:"Ufunani wena?"

Mihka:"Nsizwa angiyenzanga ngedwa lengane manje sengisokola ngedwa kanti kungani ungenza njena azange ungitshele futhi ukuthi ushadile."

Amuzwe edonsa umoya

Nsizwa:"Luphi ucingo lwakho?"

Mihla:"Lukhona."

Nsizwa:"Ngizokushayela manje mangiphuma endlini."

Aluvale abuyele emuva abeke ucingo lwamawakhe ahambe ayohlanza igumbi lakhe, amushayele vele uNsizwa.

Mihla:"Ngingaphandle."

Aphume ajabule naye angene emotweni

Nsizwa:"Ufuna ngenzenjani Mihla ngoba uyasazi isimo sami."

Mihla:"Ngisaze emva kwesikhathi esingakanani?"

Nsizwa:"Angifuni kuhlukanisa nenkosikazi yami yebo ngiyavuma awuzikhulelisanga ingane ngizoyinaka."

Mihla:"Ngithathe ngibe inkosikazi yakho yesibilii Nsizwa."

Nsizwa:"Ngeke kwenzeke lokho."

Mihla:"Mina angifuni kukhulisa ingane yami ngiyifihlele ubaba wayo, khuluma nenkosikazi yakho maseyizwa ukuthi kunengane kuzoba buhlungu kodwa uzokwamukela."

Nsizwa:"Mihla usesi wakho wakutshela ukuthi ngishadile wena wakhetha ukuqhubeka nami, umngani wakho wakutshela ukuthi ngicishe ngamdlwengula wena wakhetha

ukungamukholwa. Manje akukho engizokushintsha ngiyamuthanda umfazi wami futhi angiziboni ngiqhubeka ngempilo ngaphandle kwakhe. Wena jabulela ukuthi ngiyivumile ingane. Namuhla ngikutshela kokugcina ungaphinde ungishayele."

Akhiphe imali amunike yona

Nsizwa:"Ukuthanda imali yikona okwakufaka kulesimo okuso."

Amuvulele umnyango aphume ekhala uMihla abuyele kubo aqhubeke nokuhlanza igumbi lakhe akhiphe alungise konke masekayolahla izibi kuvele ikhadi lamanombolo leli alinikwa uPhinda ngenkathi ahlangana naye esangweni lakhabo Nhloso. Asheshe alungise ayishayele luphendulwe intombazane.

Mihla:"Sawubona bengicela ukubona umuntu ongangisiza ngezinto zesintu."

"Ungeza kusasa ekuseni ngehora."

Amungene emlonyeni uMihla

Mia:"Ngeke ngimthole manje ngiyacela sisi kuyaphuthuma."

"Uhlala kuphi?"

Amutshele uMihla

"Ngizokushayela  manje futhi ithi ngikhulume naye."

Aluvale alinde angafuni nokuphuma egunjini lakhe lukhale futhi kuseyiyona inombolo kaPhinda.

Mihla:"Hellow yimina."

"Ngithumelele ikheli lakho kulenombolo uzoza lapho."

Mihla:"Cha angifuni abonwe abazali bami."

"Inkinga ayikho uzomutshela wena kuthi akulinde kuphi."

Amuthumelele kuthi ayomumela komunye umgwaqo azichaze noluthi ugqokeni, aqede aphume.

MaMzobe:"Uyaphi uphuma sophuthuma nje?"

Mihla:"Ngiyohlangana nomunye umngani wami wasenyuvesi ma ngeke ngithathe isikhathi.:

MaMzobe:"Akusamele ugcwale yonke lemigwaqo usheshe ubuye."

Avume aphume asheshe makafika kuwo umgwaqo nayi imoto ilindile kunababtu ababili abagqoke amasudi beme ngaphandle baphethe nezibhamu ezinde ezilaphaya, bafaka nezibuko ezimnyama. Asondele oyedwa avule umnyango wangemuva uthukile kepha

akasashintshi umqondo. Usamukhumbula lomlisa nguyena vele naye ugqoke okumnyama imoto yakhe imnyama.

Mihla:”Sawubona.”

Phinda:”Asikho isikhathi sokubingelela usizo luzilethe kuwe khuluma.”

Athuke nephimbo lakhona alifani naleliya ukhuluma akamubheki nakancane ubheke phambili.

Mihla:”Kunomlisa ongikhulelisile kanti unenkosikazi manje sekayangilahla uthi akafuni kuhlukana nenkosiakzi yakhe.”

Phinda:”Ntombazane khuluma okufunayo.”

Mihla:”Ngifuna angithathe ngibe yinkosikazi yakhe yesibili.”

Phinda:”Umfazi aqhubeke abakhona emshadweni?”

Acabange uMihla

Mihla:”Ungabahlukanisi kepha ngifuna athande mina kakhulu kunaye.”

Phinda:”Nginike isandla sakho ucimeze isandla osisebenzisayo mawubhala.”

Amunike

Phinda:”Ufuna akuthande enze into oyifunayo?”

Mihla:”Yebo.”

Phinda:”Vala amehlo.”

Awavale

Mihla:”Unesikhathi esingakanani ukhulelwe?”

Mihla:”Izinyanga ezimbili'

Phinda:”Igama nesibongo salomfana.”

Mihla:”Nsizwa Khumalo.”

Phinda:”Ungalinge uvule amehlo noma ngabe uzwani.”

Avume ngekhanda akhiphe inyoka akhulume into angayizwa akhulume nefama likaNsizwa nesbongo uMihla ezwe lokho kuphela. Amufake indandatho emunweni wokukhomba esandleni sesinxele.

Phinda:”Ungayikhiphi lendandatho noma sekwenzekani ngoba konke kuyoshabalala futhi ingane yakho izofa. Vula amehlo ahambe.”

Mihla:”Kuzoba malini?”

Phinda:”Khululeka uzokhokha hamba uyojabulela impilo yakho yomshado uma uzizwa umukhumbula uphlule lendandatho umubize uzoza la okhona. Uma ufuna avume into oyishoyo uyiphulule futhi lendandatho.”

Aphume uMihla bangene laba ababili bebeme ngaphandle ngezibhamu isuke imoto ayizwakali noma iduma. Abuke lendandatho yinhle futhi iyigolide inophawu lwenyoka ineso elilodwa.

Mihla:”Ngifuna kubona kuthi iyasebenza lento.”

Ayiphulule

Mihla:”Nsizwa iza uzongilanda ungazise kwinkosikazi yakho ngifuna ingane yethu ivele sesishadile.”

Ahambe uMihla makavelela kubo nje nayi imoto kaNsizwa aphume ngokushesha amufake emotweni amuqabule.

Mihla:”Siyaphi?’

Nsizwa:”Sthandwa sami angisakhoni ngaphandle kwakho  ngifuna sishade.”

Amoyizele uMihla ihambe imoto iyongena kwakhe ayipake amuvulele imoto bangene endlini.

Nsizwa:”MAMAKHE.”

Dani:”Iza ngapha babakhe kukhona bomama.”

Abambe uMihla ngesandla baye endlini yokuphola mabavela asukume uMaKhumalo athuke kubande amathumbu.

Nsizwa:”Kwakuhle nganifica niphelele ngeke ngikhulume kaningi.”

UDansile ubuke lezandla  ezibambene emzini wakhe athule kodwa mhlawumbe isihlobo angasazi ngeke amenze kanje. Bakahle bajabulile kakhulu futhi.

Nsizwa:”Bazali mamakhe lona nguMihla ukhulelwe ingane yami manje ngifuna kumthatha abe yinkosikazi yami yesibili.”

Asukume asondele ngakuDansile aguqe phambi kwakhe

Nsizwa:”Mamakhe ngicela umamukele angikwazi kumulahla nengane futhi ngiyamuthanda, nizohlalisana kahle ninaye.”

Angayikholwa lento ayizwayo abuke abazali bakhe nabo bashaqekile ilesenzo ngoba bavumelene manje kwenzenjani. Zehle zilandelana izinyembezi kuDansile abuke umyeni wakhe asukume ayobamba uMihla ngesandla.

Nsizwa:”Ngiyabuya ngisamuphelezela.”

Dani:”NSIZWA NGOBANI?”

***<u>ISIQEPHU 68</u>***

***<u>KWANKOSI</u>***

Sekuphele isonto lonke babuya ebukhosini indaba yokungenwa azange asayikhuluma ubabMongezi. Kuntambama ubabMongezi ubukele izindaba zesikhombisa bonke bayazi uza endlini ngo7 abukele izindaba adle bese uyahamba. Namanje ubukele zona bayazikhipha njengomndeni bayodla ngaphandle umbono kaSinalo nabo bavuma. Aphume egunjini lakhe umamGugu ugqoke ilokwe elimnyama liveza amadolo, liyamubamba nasokhalweni. Ugqoke njengasemhleni kodwa ingubo yanamuhla wayithengelwa uAmanda naye ajabule makamubona avela ayigqokile. USinalo ashaye ikhwela aziqinise ubabMongezi angamubheki.

Asondele bamuncome

Cebi:”Mama umuhle manje bazothi yimina umama wena uyimi.”

MamGugu:”Umuhle ngane yami hawu musa ukudlala ngalesalukazi esiyimi.”

Sinalo:”Ngathi uzoshelwa namuhla.”

BabMongezi:”Hhey fuseg wena into oyicabangayo leyo.”

USinalo yena selokhu abona ubabomkhulu wakhe aphuma egunjini lamawakhe uyazitshela ukuthi kukhona okwenzekayo kubo. Akathukuthelanga futhi yize bekungajwayeleki. UNathi ahleke

Sinalo:”Cha baba phela umama akanamuntu kanti nawe wamukhulula wathi akahambe manje mabamushela inkinga ayikho.”

MamGugu:”Uqalile Amanda nginike amanzi sesi.”

Ahlale celeni  kwababMongezi anganakanga uSinalo ababheke adonse umoya ubabMongezi abuke umabonakude noma angasaboni lutho. Asondele uAmanda amunike awaphuze

Nathi:”Asambeni mina ngilambile.”

MamGugu:”Sizohamba makuphela izindaba.”

Sinalo:”Baba asambeni awusabukelanga manje.”

Amubheke ubabMongezi uSinalo amoyizele anikine ikhanda ubabMongezi asukume, makasukuma umamGugu akhohlwe ukuthi akamubheki amubuke.

MamGugu:”Kunenkinga bhuti.”

BabMongezi:”Ugqoke umtshopi sisi.”

Azibuke umamGugu amubuke naye aze azibambe okhalweni

MamGugu:”Ngenzenjani ngishintshe?”

BabMongezi:”Cha ungashintshi into oyithandayo singahamba.”

Baphume umamGugu asalele emuva amulinde kuthi aphume ubabMongezi aze amubuke.

MamGugu:”Ngempela inkinga ayikho bhuti.”

BabMongezi:”Ayikho sisi umuhle ngiyaxolisa ukahle akukho nkinga. Futhi uMondli bengeke akukhumulise abethanda kukubona ugqoke kanje.”

Aswabe umamGugu ayengezele nezinyembezi

BabMongezi:”Kwenzenjani manje sisi?”

MamGugu:”Yazi abengivakashela uMondli selokhu sabuya ebukhosini akasezi.”

BabMongezi:”Uyamukhumbula?”

MamGugu:”Kakhulu bhuti.”

BabMongezi:”Sisi umyeni wakho akasekho kulomhlaba mukhulule.”

MamGugu:”Ngike ngakubona ukhuluma kuleziya zimbali ingabe uyaziveza nakuwe.”

BabMongezi:”Izingane zisilindile asambe, ngiyabonga nangeshethi ongithengele lona.”

MamGugu:”Ngiphendule bhuti.”

BabMongezi:”Asambe sizobuye sixoxe ngalodaba.”

MamGugu:”Kulungile.”

Babalindile emotweni bababukile agcine sekahlulekile uSinalo

Sinalo:”Bafo vele sebenza lomshikashika bomama?”

Nathi:”Umshikashika wani?”

Sinalo:”Umshikashika wokungenwa?”

Ahleke uAmanda noCebi

Cebi:”Kunokuthi umama ayothandana nomunye umuntu mina ngixolela lomshikashika.”

Nathi:”Wena ukhulunyuswa ukuthi uyamuthanda lomshikashika.”

Sinalo:”UCebi uqinsile umama muhle nomtshopi wakhe ngeke bamuyeke naye mzukwana akhumula asazi.”

Amanda:”Bayamuvimbake nasemgwaqeni.”

Nathi:”Nawe bayakuvimba ngoba senihlala nisendleleni nomama?”

Bahleke

Amanda:”Abangivimbi basaba wena.”

Sinalo:”Nami ngingafela phakathi noma ngikuthanda kangakanani ngingalinda usuku lomshikashika wokungena.”

Bahleke bonke agibele umamGugu amulandele ubabMongezi bahambe.

BabMongezi:”Niya kuphi sisi?”

MamGugu:”Buza labantwana bakho mina la engizothola khona ukudla ngidle.”

Sinalo:”Kunenye indawo eqeda kuvulwa la ngase.”

Amanda:”Mangabe indawo enenyama ubaba udla inyama kakhulu.”

Amoyizele ubabMongezi

Nathi:”Kuncono siye phakathi elokshini  sofuna iphalishi nenyama.”

Bayaphikisana uCebile uzichofozela ucingo ukhuluma nesthandwa sakhe

Sinalo:”Usho ukuthi umama angagqoka umtshopi awugqokele ukuya kaNkambule.”

UbabMongezi ayiqondise espur ngoba uyazi umawabo uzithandela ukudla kwakhona, bangene kukhale ucingo lwababMongezi alubheke bese uyasala emnyango baqhubeke bodwa.

BabMongezi:”Sawubona.”

“Anginamali sekundlule isikhathi eside manje?”

BabMongezi:”Wazi kahle kamhlophe ukuthi akasekho uMondli, minaa anginamali?”

“Anginamsebenzi ngalokho mina umndeni wami ulambile.”

BabMongezi:”Ndoda anginayo imali mina.”

“Ngiphelelwa ukubekezela ngikunika ihora makungenjalo ngizoyaa kwinkosikazi yomufi ngicule engikwaziyo.”

Avale ucingo ngenxa yokucasuka alandele umndeni wamfowabo eme kuqala ababuke benza umsindo, acabange nomfowabo ikakhulukazi makabona ukungezwa kwaSinalo ufuze ubaba wakhe kakhulu. Asondele makafika kunendawo phakathi kwaCebi nomawakhe ahlale phansi

Nathi:”Ngiku odele okubandayo.”

BabMongezi:”Ngiyabonga ndodana.”

MamGugu:”Awusekho kahle ubani lo bekakushayela?”

BabMongezi:”Omunye nje sasihlalisana naye le.”

Kufike ukudla badle bazixoxelle wonke umuntu ujabulile asukume ubabMongezi athi usaya endlini encane. Kusale kukhale ucingo lwakhe alubheke umamGugu alibambe angakakhulumi nje.

“Siphelile isikhathi manje ngiyomutshela ngimuthumelela isithombe sokuqala manje, ungitshela ukuthi awunayo imali ukube wakucabanga lokho ungakenzeli ubhuti wakho izingane.”

MamGugu:”Ubani lo?”

Sekeme ngezinyawo umamGugu

“Ubuze  umnikazi walocingo ukuthi ubani uMlilo umtshele ukuthi ngifuna imali yami uMondli azange angikhokhele izinyanga ezine manje ngiyifuna yonke,  makungenjalo ngizoya kunkosikazi kaMondli ngimutshele konke nxxxxx.”

Aluvale umamGugu azibuze sekeme ngezinyawo

Nathi:”Ma kwenzenjani?”

MamGugu:”Khokhani sesiyahamba.”

Aqhamuke ubabMongezi makafika etafuleni abantu sebamuncu ucingo lwakhe lusesandleni samamGugu.

BabMongezi:”Hawu sisi.”

MamGugu:”Bhuti ubani uMlilo?”

Amubuke ubabMongezi angaphenduli

MamGugu:”NGIPHENDULE YINI LE ANAZELA YONA NINOMONDLI BHUTI.”

Sekayathetha manje

BabMongezi:”Asambe siyokhuluma ekhaya.”

Baphume balandelana bangene emotweni sekushubile manje akekho owaziyo kuthi kwenzakalani. Ayisuse ubabMongezi imoto akabonisi nokuthuka ngendlela umamGugu athukuthele ngayo. Nezingane zakhe ziyamazi ukuthi makanje akakhulumiseki futhi ufuna iqiniso la elikhona.

Bangene endlini bonke ubabMongezi aqonde egunjini lakhe alinde lutho kungena ubabMongezi asale abuka locingo lwakhe. Ezithombeni kugcwele yena nezingane ezinye izithombe akazazi kuyacaca wathathwa zona angaboni.

MamGugu:”Nathi biza ubhuti.”

Nathi:”Mama kwenzenjani?”

MamGugu:”Nkosnathi”

Aphume uNathi amufice acosheme kulezimbali zababa wakhe ngathi uyakhala asondele uNathi acoshame celeni kwakhe.

Nathi:”Baba ngingakusiza kwenzakalani kanyi?”

BabMongezi:”Kumoshekile ndodana.”

Nathi:”Yini?”

BabMongezi:”Kunomuntu owazi imfihlo yami nobaba wakho enzima engawisa lomndeni mfanami. Lomuntu abemukhokhela ubaba wakho. Makaqala ukugula azange asamukhokhela nami ngakhohlwa nguye manje nangu ungishayele ufuna imali yakhe.”

Nathi:”Ingabe ubaba unezinye izingane na?”

BabMongezi:”Lento izolimaza umawakho ndodana angaphila angaphili.”

Kuphendule uSinalo emva kwakhe

Sinalo:”Kunokuthi kulokhu kukhokhelwa lomuntu khuluma iqiniso baba, kudala uphilela ubaba impilo yakhe umuvikela ngicela ungenzi izimfihlo zakhe zikwenze umama akuxwaye. Yebo kuzobabuhlungu kodwa kuzondlula.”

Nathi:”Uqinsile uSinalo khuluma baba.”

BabMongezi:”Noma ngingamuncenga umawenu kuthi angezwa ubuhlungu kepha mayifika kini kuzobanzima. Bafana bami ngiyaxolisa mina ngenziwa ukuthanda umfowethu omncane.”

Bangazi bathini boSinalo basukume

Sinalo:”Umama uzosuke avukwe ukugula baba ngicela uyilamule mina angifuni kuzwa izimfihlo zabantu abadala.”

Nathi:”Asambe baba noma leyo mfihlo ingabanzima kangakanani sizokweseka.”

Abuyele endlini uSinalo kuze uAmanda

Amanda:”Baba umama uyakubiza.”

Ehle izinyembezi ubabMongezi babukane uNathi nenkosikazi yakhe.

Nathi:”Khuluma baba.”

BabMongezi:”Nkosnathi nguwena omdala lento engizokutshela yona ngicela ungithwalise yona umawakho izomubulala.”

Nathi:”Amanda landa ukhiyo wami wemoto.”

Asilande abuye amunike

Nathi:”Asambe baba Amanda uthathe ucingo lwababa kumama ngoba angafona futhi loMlilo.”

Bahambe bayongena emotweni baphume asale athetha umamGugu makabona baphuma  kuye uzitshela ukuthi umyeni wakhe unezinye izingane angazazi. Bahambe uNathi ayiqondise emathuneni baye ethuneni lababMondli bahlale.

BabMongezi:”Ubaba wakho washawa ubabomkhulu asemuncane wamulimaza isitho sakhe sangasese, ngamuphuthumisa esibhedlela. Bamusiza noma ahlala isikhathi eside khona wacishe waqeda unyaka kodwa waphola. Ngolunye usuku weza kimi akhala wangitshela ukuthi isitho sakhe asisebenzi. Saya kudokotela owasithumela komunye eGoli loyo wasitshela ukuthi ubaba wakho ngeke akwazi ukuzithokozisa ngocansi vele ngeke asavukelwa futhi akukho okungenziwa ngalokho. Kwabanzima kodwa wamukela kwenzeka ngolunye usuku wavakashelwa intombi eyayiphaphile. UMondli bekanelimi elimnandi zimuthanda izintombi ziziphosa kuye.

Weza kimi azongicela kuthi ngiyomulalela nalentombi ngoba akafuni kuhlekwa.”

Aswace uNathi kepha alalele angasho lutho

BabMongezi:”Lento sayenza uMondli waze wahlangana nenye intombi ayeyithanda ngenhliziyo yakhe yonke. Makeza nayo ekhaya ngezwa ubuhlungu ngoba nami ngangiyithanda ukuthi ngangihlala ngihlangana nayo ihamba nabangani bayo ngisaba kuyishela. Umama wayamukela intombi kaMondli bathandana kwaphela iminyaka emibili yamulahla lentombi. Weza azongicela futhi athi umulahlele kuthi abenzi lutho yena ngeke akhone kuhlala ngaphandle kwayo. Kwabanzima ndodana ngoba nami ngangiyithanda. Ngamutshela isimo sami ngentombi yakhe savumelana ngokuthi uzoba isoka lakhe kwzi wonke umuntu ngoba uyamuthanda akukho akhona kukwenza ngaphandle kwakhe. Nami ngangibona vele babethandana.

Abethi makamuvakashele bahlale ndawonye emini ebusuku ngiye egunjini lakhe kuyomanelisa bese masekuzokhanya ngiphume kubuye uMondli. Wayengasaphatheki kabi uMondli ngoba isithandwa senhliziyo yakhe sasiduze naye futhi angithemba nami. Kimi kwaba nzima kuthi ngithande omunye ngoba njalo masilala nalentombi.”

Adonse umoya ubabMongezi

Nathi:”Uthando lwakho belukhula kakhulu manilokhu nilala.”

BabMongezi:”Hheyi ndodana kakhulu sahamba isikhathi sathutha ekhaya mina ngase ngihluleka kuba nentombi ngoba yonke imizwa yayisebenza kulentombi kaMondli. Kweza omunye owayeboniswa wathi uyayibona lento esiyenzayo ngoba bazoshada nje kumele kube yimina engimushadayo ngoba ulala nami, useyinyama yinye nami. Yazi ubaba wakho ngendlela ayengithemba ngayo azange kubenzima kuye, kwabanzima kimi. Kwashadwake ngesikhathi sokufunga ubaba wakho wayeganga njengoSinalo nje, angazi wenza njani kodwa kwahamba ugesi futhi weza necebo lokuthi ashade ebusuku. Ngasondela ngenza izifungo ngamufaka indandatho masiqeda ukuqabulana ngasuka

kuye. Kwabuya ugesi uhlelo kwaqhubeka nanoma sekushadiwe saqhubeka ngalohlelo kwavela nezingane ndodana.”

Asukume uNathi abuke ithuna lababa wakhe umangele akayazi into enje.

Nathi:”Baba ufuna ukungitshela ukuthi umama endlini uyinkosikazi yakho, uSinalo noCebi izingane zakho?”

Avume ngekhanda

Nathi:”Isitifiketi somshado ubaba nje.”

BabMongezi:”Yebo kunjalo ngubaba wakho owasayinda kepha yimina engafunga phambi kweNkosi kuthi ngizomunakekela.”

Nathi:”Hhayi baba manje loMlilo wabona kanjani?”

BabMongezi:”Wabona sasi kuholide wasibona sishintshana ngezimpahla kulelo hotela kanti usebenza khona, walandelela waze wathola into ayifunayo.”

Nathi:”USinalo makathi ubuhamba nabazali bethu ubashayelela wayeqinisile?”

BabMongezi:”Yebo bengiba umshayeli wabo angaboni umawenu masifika le ebusuku abe nami.”

Ikhanda laNathi liyaduma uyazi ukuthi izimfihlo ziyathusa kodwa le iyamangaza impela. Yize athukile kodwa umangazwa uthando lwababMongezi ngokunikela ngempilo yakhe yonke kuthi kujabule ubhuti wakhe omncane. Wamufundisa ngapha umunakekelela umkakhe.

Nathi:”Manje ngiyazwisisa lento eyayinenza ningahlukani ninobaba angafuni ngawe kangaka, mawuqeda wazinikela etshwaleni baba.”

BabMongezi:”Umawenu ngiyamuthanda ndodana ukuphila naye ngalohlobo bekungilimaza. Inkosikazi yami leya kepha yaziwa njengomfelokazi.”

Nathi:”Yoooo ubaba makashona wathi kimi ngikutshele uyiveze lendaba uqhubeke ngohlelo abekhuluma ngalokhu?”

BabMongezi:”Yebo kukaningi ubaba wakho afuna sikhulume mina nganginqaba ngoba ngimubona ukuthi uyamuthanda kanti besekazosishiya.”

Nathi:”Mina baba ngingowabani?”

Asukume ubabMongezi eme phambi kwaNathi amubheke kwehle izinyembezi

BabMongezi:”Uyindodana yami Nkosnathi uyindodana yami nawe angithi uzalwa ilentombi engithe yayiphapha.”

Ahlehlele emuva kancane uNathi nakuye kwehle izinyembezi baxhawulane baze bahagane belokhu beshayana emhlane. Kuthuleke eside isikhathi

Nathi:”Asambe baba wena uzongena inkosikazi yakho impilo iqhubeke abantu bazokwazi ukuthi wangena inkosikazi yomfowenu lento izomulimaza umama.”

BabMongezi:”Ngeke ngikwazi ukuthi ngimungene.”

Nathi:”Umama uyakuhlonipha izwi elilodwa eliphuma kuwe uzovuma mawumubamba kuzovuseleleka loxhumano eninalo. LoMlilo kumele abe yidlozi.”

BabMongezi:”Cha ndodana.”

Nathi:”Yebo baba nginike yonke imininingwane yakhe ngizoqale ngibheke ukuthi lemfihlo yaziwa nguye kuphela mangiqeda ngizomulungisa.”

BabMongezi:”Kukhona okunye ndodana.”

Nathi:”Ini?”

BabMongezi:”Umawenu bengisamuvakashela ebusuku yena ucabanga ukuthi uMondli mina ngiyiswa ukuthi kubuhlungu kumubona akhala ngalohlobo.”

Nathi:”Qhubeka baba akukho okungenziwa manje, namanje masifika uqonde egunjini lakhe umutshele akukho mfihlo ozoyikhuluma ngoba umnikazi wayo akasekho. Umama uyathoba makaduze nawe manje sengiyazwisisa kungani.”

Babuyele emuva mabafika ekhaya kusakhanya basahlezi bangene umamGugu usathukuthele. UCebi asondele ahage ubabMongezi beseba khathazekile ngabo. Asukume umamGugu azoma phambi kwababMongezi amubheke emhlweni lumushaye uvalo. Nali iGugulakhe lithukuthele liyabila yena uyasha ngaphakathi enhliziweni.

MamGugu:”Bhuti ngilalele.”

BabMongezi:”Ngiyaxolisa sisi.”

MamGugu:”Kahle bhuti ubani umlilo ngifuna ukwazi mina futhi ngifuna ukwazi manje.”

BabMongezi:”Nkosnathi thatha izingane zakini nomakoti wakho niyobhukha ehhotela ngifuna kukhuluma nomawenu.”

Nathi:”Kahle baba.”

BabMongezi:”Khululeka ndodana ngeke.”

Nathi:”Landani izinto zenu sambeni.”

Sinalo:”Sizoya emagunjini ethu baba.”

BabMongezi:”Hambani nizomubona kusasa umama.”

Bahambe asale avala umnyango ubabMongezi akhiye umamGugu uyamele ekhabetheni uthukuthele ngapha uyakhala. Uyazibuza ukuthi uMondli angayenza kanjani into enje azalise ngaphandle. Asondele kuye ubabMongezi afike eme emva kwakhe aze amuthinte. Athuke umamGugu aphenduke amubuke ngokudideka angasuki

amubheke ezinhlamvini zamehlo. Akhumule amakinobho amathathu ehembe lakhe kuze kuvele isifuba sakhe.

BabMongezi:"Umyeni wakho makanezimfihlo ucabanga ukuthi unelungelo lokungithethisa phambi kwezingane ungifune leyo mfihlo Gugu. Uyangibona mina angizwani nomsindo futhi angizwani nomfazi wokumemeza impilo yami yonke ngiphilela kuvikela wena nezingane kanye nomyeni wakho lokho akusho ukuthi ngiwumngani wakho. Angihlanganisi lutho mina ngezimfihlo zaMondli."

Aphelelwe amandla umamGugu okumqeda kakhulu indlela ubabMongezi amusondele ngayo unephunga elimnandi analo futhi elimubalekisa igazi. Asondele futhi kuye baze banamathelane.

MamGugu:"Bhuti ingabe umyeni wami unezinye izingane?"

BabMongezi:"Abekuthanda uMondli futhi abethembekile kuwe akekho owesifazane amuthanda njengawe."

MamGugu:"Ngi ngiyezwa bhuti."

BabMongezi:"Cha kusukela namuhla uzongibuka njengomyeni wakho  Gugu akukho omunye ozokunakekela njengami. Ngikhathele mina ukuzibamba ngizokungena manje njengoba kumele ngikungene."

Akhamise umamGugu amubambe okhalweni ubabMongezi athuke kakhulu umamGugu.

MamGugu:"Bhuti."

Sekayakhala umamGugu amuphulule isihlathi ubabMongezi

BabMongezi:"Ngiyakuthanda Gugu ngicela uvume ube iGugulami."

MamGugu:"Bhuti."

BabMongezi:"Shhhhhhh asiqhubekise lomndeni phambili ndawonye ngiyakucela uthando luzosifica phambili."

Uthe asuka ubabMongezi wamuhlasela ngezindebe zomlomo athuke umamGugu kepha aqhubeka naye. Baqabulane amuphulule umzimba wonke

MamGugu:"Angimazi omunye umuntu wesilisa ngazi umyeni wami kuphela."

BabMongezi:"Nami uzongazi uxhumane nami futhi."

Asizwe isitho sabhuti womyeni wakhe silokhu sikhula naye asisamuniki indawo yokubaleka.

MamGugu:"Bhuti yini le eyenzekayo ngami kodwa?"

Angazi aphendule  athini ubabMongezi amuwolele kuye futhi elokhu exolisa baphinde baqabulane.

BabMongezi:”Konke kuzolunga buya uzolala.”

Babukane amudonse ngesandla ubabMongezi akasanawo amandla umamGugu bangakafiki ndawo amuwolelle kuye futhi manje aze aqhaqhazele ubabMongezi sekamukisa izindebe zakhe kumamGugu.

BabMongezi:”Ngiyaxolisa.”

Amukhumule uzibhu welokwe lakhe babukene emehlweni liwe ilokwe phansi asale ahambaze phambi kwabhuti womyeni wakhe.

BabMongezi:”Gugulami.”

Baqabulane ubabMongezi amupotoze yonke indawo nomamGugu sekuyala nakuye manje. Abambe iphenti ubabMongezi amubuke ebusweni avume ngekhanda alehlise umntomdala. Azikhumule ibhande lobaba akhiphe ibhlukwe baqabulane futhi.. Asuke ubabMongezi amudonse baqonde egunjini lamamGugu uyaphangisa afike avule umnyango awuphosele le.

Namuhla imizwa imudonsa kakhulu ngoba lento uzoyenza amubona uGugu futhi avumile, makamubeka embhedeni anqabe umamGugu.

MamGugu:”Kumele ngikhumule inzilo kuqala asiyeke lento.”

BabMongezi:”Kunzima kukuyeka manje ngeke ngikhone Gugulami, ngivulele ngingene kuwe, makumele sigezwe noma sithandazelwe sizokwenza lokho.”

Angamuphenduli avale amehlo umamGugu amuqabule mawala ubabMongezi konke akwenzayo kuye kumubonisa umyeni wakhe. Nendlela aquma ngayo makamungena umyeni wakhe.

MamGugu:”Ungubani kodwa?”

BabMongezi:”Ahhhhhh shit ngiwumyeni wakho kusukela namuhla.”

Ukhuluma uyamufenda azidele umamGugu alawulwe imizwa emnandi kangaka kubabMongezi kumnandi ngoba ulibukile igugulakhe.

Abalalanga boNathi bekhathazekile ngomawabo bafike ekuseni kungene uAmanda noCebile kuqala. Amanda abone ilokwe lamamezala wakhe phansi alicoshe ngokushesha uCebile athathe lebhande nezicathulo zababMongezi. Umnyango uvuliwe wasegunjini bobabili balunguze ngathi babizene babafice balele vithi kodwa kuzicacela obekwenzeka. Bobabili babe nezinhloni Amanda avale umnyango ayongena egunjini lakhe kanye noCebile……

***ISIQEPHU 69***

***LWAZI***

ULwazi abelokhu ehluleka ukuya kuNathi ngenxa yokuba matasa namuhla umulindile ehhovisi lakhe. Kusondele umabhalane wakhe

“Usungangena mnumzane sekakulindile.”

Angene uLwazi ugqoke isudi kubonisa ukuhlonipha ishishini lakhe, asukume uNathi amubheke abheke nasemnyango acabange ukuthi umphathi uyamulandela lutho.

Nathi:”Unjani Khoza?”

Lwazi:”Ngiyaphila.”

Nathi:”Bengithi ngicele kahle kuthi ngifuna kuxhumana nomphathi wakho umnikazi wamalahle.

Amoyizele uLwazi akhumule ikinobho eyodwa kulebhantshi ahlale phansi

Lwazi:”Uyangithemba bhuti lomuntu uhlala ematasa buka kudala umfuna kepha ungakhoni kumbona.”

Nathi:”Kulungile uma uthi uyakuthemba, ikhampani esebenza ngezinsimbi kunendawo la ezishiswa khona lezinsimbi zibunjwe zenziwe ma specific shapes noma zigotshwe.”

Lwazi:”Sinawo amalahle anjalo njengoba ngangishilo.”

Nathi:”Ungangibonisa umehluko walawo malahle mangabe uwuphethe.”

Akhiphe ibhukwana alibeke phezu kwetafula amuvulele kulelo khasi awakhiphe nawo amalahle kwipotimende (breifcase) awabeke phezu kwetafula amuchazele umehluko aze awubone.

Nathi:”Niphatha amalahle amahle ngiyamangala, manje nizosibiza malini?”

Amutshele bavumelane ngakho konke abakufunayo

Nathi:”Ngiyanithatha ngifaka ne oda khona manje.”

Lwazi:”Kulungile abaklayente wethu siyaye sibanike amankontileka asikubophi ngawo kuthi uqhubeke usebenze nathi noma ungasafuthi. Kukhona la ekusho khona kuthi mawungasafuni unelungelo lokuyeka kodwa esingakuvumi uma sewulifakile iioda we don’t cancel it. Ngizolishiya ulifunde bese uyasayinda masoqedile kodwa ngizokwenzela oda lakho.”

Akhiphe konke abeke phambi kwakhe naye abhale oda lakhe amunike kuthi asayinde. UNathi akufunde amubheke ahleke yedwa.

Nathi:"Hayisuka wena ufuna ezinye izibhakela yazi."

Lwazi:"Ngenzeni?"

Nathi:"Elakho leshishini nali igama lakho la nala ndoda."

Bahleke bobabili basukume baxhawulane

Nathi:"Manje yerrrrrrrr wawacabanga njani amalahle umncane kangaka?"

Lwazi:"Indaba ende."

Nathi:"Uyibambe njalo wena unemali."

Lwazi:"Lutho ngiyazameka nje."

Nathi:"Hayisuka buka lemali ozoyithola kimi cabanga maseyingena namanye amasheke bekukhokhela. Kuhle ngoba konke lokhu ngikubone kungakafiki usuku lwamalobolo hhey ngizokukabha ndoda."

Bahleke futhi baphume sekamukhombisa phakathi ishishini lababa wakhe

Nathi:"Yazi ngifuna ukwakha indlu yami nenkosikazi."

Lwazi:"Istende unaso?"

Nathi:"Nginaso."

Lwazi:"Bonisa uCebi leso stende akwenzele umdwebo bese yena uwuletha kimi sizokwenzela."

Nathi:"Eyyy ndoda nina moso niphelele ninoCebi."

Lwazi:"Nje futhi ngeke ngivume kusebenza ngomdwebo womunye umuntu imali izongena yonke ekhaya."

Nathi:"Yoooo zaphela izingane zabantu, nakhona awusuye umsebenzi nje."

Lwazi:"Cha ishishini lami manje sakha izindlu lezi ezingasemall."

Nathi:"Ezingaka ndoda zinhle futhi ngiyakubongisa ndoda."

Amuphelezele bafike la apake khona uNathi sekathathekile uLwazi baxhawulane futhi

Nathi:"Uze ntambama uzothatha inkontileka ngizobe sengilisayindile, zosala sewudla isidlo sakusihlwa."

Lwazi:"Ubaba uzobe akhona?"

Nathi:"Ngakhathazeki ubaba akakhulumi kakhulu masingekho isidingo, yazi uSinalo noCebile bake bafika bagcwele ubumnyama babesiza wena?"

Lwazi:"Yebo ngafikelwa oda abantu sebashayisile bangisiza uSinalo uyazibhedela lomfana."

Nathi :"Kulungile bafo ngizokubona ntambama, ngiyasithanda nesilwane sakho uyagibela kodwa uza ekhaya ngesikorokoro seJeep."

Lwazi:"Ayyyyy nawe uyazi."

Agibele ayisuse uLwazi abuyele kubo ngoba ugqoke amasudi isthandwa sakhe yisona esimubhekele abasebenzi namuhla. Afike apake ngaphandle kwesango angene ngezinyawo. Amangale umnyango uvuleke kancane bahlala bazivalele emini makangena bakhuluma ngasekhishini. Makathi uyakhuluma ezwe igama lakhe athule.

Khoza:"Sekakhulile uLwazi buka uyalobola ngenyanga ezayo."

MaKhoza:"Angiyithandi lento yokuthi naye ufuna ukuhamba umfanami omncane lo sizoba yini thina ngaphandle kwakhe."

Khoza:"Kumele abe nomuzi wakhe nkosikazi sizobabiza uma sinenkinga khulula inhliziyo."

MaKhoza:"Akunani baba."

Kjoza:"Musa ukukhala nawe phela yazi ngangihlalela ovalweni ngithi ngeke umuthande ngokweqiniso uLwazi."

MaKhoza:"Ukuthi naye wafike waba yingane ehluke kakhulu kwezinye wenza kwabalula ukumthanda."

Khoza:"Esikhathini esiningi uma ingane ungayizali kuba nezinto eziningi, ngiyaxolisa futhi nkosikazi ngokukugangela, ngiyohlala ngikubonga indodana yami ngeke usho ukuthi awuyizali."

MaKhoza:"Uyakhumbula uMholi wayehlala abuza ukuthi ubuya kuphi uLwazi ngoba isisu sami azange sikhule njengaku Msizi."

Bahleke uLwazi ikhanda lidume  ashawe nayisihlabi phakathi esifubeni akazalwa umawakhe nawu umhlolo, aphume aze ashayise umnyango aphume aqonde emotweni yakhe ayisuse. Mhlawumbe akezwanga kahle hhayi uzwile akazalwa ngumawakhe. Athathe ucingo lwakhe ufuna ukuyizwisisa lento ngempela achofoze inombolo

"Khoza omncane."

Azihlekise uLwazi

Mholi:"Uhlekani ndoda?"

Lwazi:"Umama uqeda kungitshela ihlaya lakho la."

Mholi:"Uthi ngenzeni manje umagogo."

Lwazi:”Wawuthanda ukumbuza ini mangiqeda kuvela uma ngesisu sakhe?”

Ahleke uMholi

Mholi:”Uyakwazi ukukhula kunjani.”

Lwazi:”Wena kungani bomubuza lokho?”

Mholi:”Ngamangala nje ngoba umama wayethanda ukufasa lamabhade amakhulu lawa akudala agcwala ukhalo. Hawu ngelinye ilanga ngangibhala futhi eskoleni savuka basiphelezela sonke. Mangibuya eskoleni akukho muntu ekhaya ngalinda lapho kwaze kwafika noMsizi. Bafika nabo sebephethe wena ukhala ngiyakhumbula nje ngisho noMsizi angakhumbula mina ngasengimdala ngimazi umuntu okhulelwe. Umama wasidida nje ngesisu sakho.”

Lwazi:”UDansile wayengakanani yena?”

Mholi:”UDani ukushiya ngomnyaka owu7 noma 6 uma ngingaphosisi ngoba babehamba naye. Alokhu ababuza ukuthi bekakhalelani loya mama. Abuye athi ubani othathe umntwana walomama okhalayo. Kungani ubuza izinto ezinje ndoda?”

Lwazi:” Kungihlekisile nje uyazi kumnandi ukulalela izindaba zakudala.”

Mholi:”Kulungile Khoza omncane.”

Aluvale ucingo lwakhe uLwazi ashayele angazi ukuthi uyaphi ashayele indlela ende lize line nezulu elokhu eshayela elandela umgwaqo la omukhomba khona angazi futhi inhliziyo iyababa…

***CEBILE***

ULwazi abethembise uCebi ukuthi uzomlanda yena lutho ukuqhamuka, usamangele nje ukuthi uSizakele uyamushalazelela manje akasamuhluphi. Amushayele ucingo lungangeni acabange ukuthi usabambekile emhlanganweni wakhe. Alungise konke kahle naye ahambe. Amangale aze afike ekhaya lutho ukutholakala uLwazi, lokhu kumkhathaze ngoba akufani naye.

Kube mnyama kukhale ucingo lwakhe alubambe uhlezi nomndeni wakhe wonke kusofa.

Cebi:”Sawubona.”

“Mntanami unjani?”

Cebi:”Ngiyaphila ma.”

MaKhoza:”Ingabe uLwazi unawe?”

Cebi:”Cha ma akekho.”

MaKhoza:”Hayibo kwangafana naye lokhu ukuphi makangekho lapho ngoba akababambi nocingo.”

Cebi:”Nami ngiye ngamushayela azange abambe abengithembise kungilanda emsebenzini azange.”

MaKhoza:”Umgcine nini?”

Cebi:”Ekuseni ma.”

MaKhoza:”Abenjani phela uLwazi lento uyenza makathukuthele noma ezwa ubuhlungu ingabe nixabene sesi?”

Cebi:”Cha mama abejabule kakhulu futhi kuthi uya emhlanganweni ozothuthukisa ishishini lamalahle.”

MaKhoza:”Ohhh Bawo Thixo onofefe shwele bo ngengane yami.”

Akhale ezwe ubabKhoza emuthulisa athuke uCebi

Sinalo:”Kwenzenjani?”

Cebi:”ULwazi akabonakali imini umawakhe umubuza mina kanti nami ngicabanga ukuthi ukubo.”

MamGugu:”Wena umgcine nini?”

Cebi:”Ekuseni mama.”

Aye egunjini lakhe amushayele futhi angalubambi, ahlale uCebi umndeni wonke uze uyolala. USinalo abuye sekagqoke izimpahla zokulala

Sinalo:”Akukho la esingayombheka khona?”

Cebi:”Akukho umawakhe uthi akakabuyi namanje Sinalo uyephi?”

NoNathi eze ahlale celeni kwakhe amuthulise

Nathi:”Ukahle la akhona ngimubonile ekuseni abekahle.”

Kukhale ucingo lwaCebi agxume uSinalo abheke isikhathi sekushaye no12

Cebi:”Sekafikile mama na?”

MaKhoza:”Cha sesi bengihlola kuthi akezanga lapho na.”

Kukhale ibheli yesango avale ucingo uCebi uNathi abheke ahambe ayovula isango bamulinde emnyango. Ehlike imoto igcwele udaka ayibonakali naye ngathi ikhanda alisebenzi. UCebi aphume amuhlangabeze afike aziphose kuye uyamubona ukuthi akekho kahle uyakhala noma bekakhala. Basabalindile kuthi azidelise uCebi ngokuhaga isthandwa sakhe babone isthunzi sithi sithe ngathi siya emva kwendlu.

Babukane basilandele baze bafike ngale kwendlu bangaboni lutho

Nathi:”Sesiyagula sibona into eyodwa engekho futhi.”

Sinalo:”Sekayasiloya umkhulu manje uyabona ukuthi ubabMongezi akafi  sekagegela la kithi.”

Babuyele emuva

Nathi:”Ngenani endlini.”

Cebi:”Uthi uyahamba bhuti abezongibona.”

Nathi:”Ukahle.”

UCebi aqale abheke uLwazi bese ubheka ubhuti wakhe

Cebi:”Uthi uphazanyiswe ilento ayizwile bazali bakhe bakhuluma kuthi umama akamuzali.”

Nathi:”Asingene bafo Sinalo ngenisa imoto yakhe Cebi shayela umama umtshele ukhona ukahle.”

Bangene endlini ayohlala naye kusofa

Nathi:”Hamba uyolala Cebi uzomubona masiqeda kukhuluma.”

Amangale uCebi kuthi ubhuti wakhe ngempela na lona, ahambe abashiye bobabili noSinalo makangena ababone babhekene emehlweni aziyele egunjini lakhe.

Nathi:”Ingabe ukukhulise kabhlungu umama na?”

Lwazi:”Cha bengihlezi kahle futhi bobhuti bami abadala bahlala bathi uma uthanda mina kundlula bona nami benginokubona kanjalo. Umama ungiphethe kahle  yingakho kunzima ukukholwa, futhi indodakazi yami abantu bayifanisa naye.”

Nathi:”Umdala ndoda uze sofuna ukuthatha umfazi ungaphathisi abantu abadala ngekhanda. Bayeke ubaba wakho waganga ngaphandle wenza ubudoda wakulanda ngoba ukube wakuyeka ubuzokhula unenzondo. Umama akakukhethanga kwabanye abantwana nabo abazi.”

Lwazi:”Inzima lento.”

Nathi:”Bafo uyangibona mina angizalwa umama Cebi nami futhi mina ngatshelwa uanti wami ngineminyaka ewu13 mhlawumbe uyacabanga kulowo munyaka bekumele ngibe lukhuni ngiqale ngidelele. Bengihluleka ngoba umama ungikhulise ngothando, uthando lwakhe lwavala konke ukumangala nentukuthelo. Nawe mawufika ekhaya kusasa uxolise ngokubathusa impilo iqhubeke ungabatsheli kuthi ubazwile. Makwenzeka kuvela akunandaba usuyazi kanti makungaveli ayikho inkinga nakhona. Mina boCebi bekhani bezwa ngoba besingekho kodwa akukho lula kuthi bakholwe ngoba mina ngiyindodana kamama nje.”

Lwazi:”Ngiyabonga bafo.”

Nathi:”Hamba uyolala uvuke ekuseni uhambe angifuni mina kuphendula izinto eziningi kubaba.”

Asukume uNathi

Nathi:”Lalelake ndoda awumuthinti uCebi ekhaya kubo ungenzi lelo hlazo.”

Afulathele angakaphenduli ahambe ayongena egunjini laCebi amufice asamulindile makangena asukume uCebi avale umnyango aze akhiye. Aziphose kuye amuhage

Cebi:”Bengithukile ungaphinde wenze lento Lwazi.”

Lwazi:”Ngeke ngiphinde ngiyaxolisa.”

Akhumule bangene engubeni…….

***__EBUSUKU__***

Aphaphame uNathi makezwa ukukhonkotha kwezinja zababa wakhe kusenjalo kuqhume isibhamu izwakale noma ikhala ithula futhi. Bavuke gubhu bonke

Amanda:”Yini leyo?”

Nathi:”Ngisabheka.”

Makalunguza efasteleni ayibone inja phansi abantu abaningi bagqoke izimpahla ezimnyama abanye baphusha imoto yakhe. Agqoke ngokushesha achofoze ipanick button kukhale alarm.

Ngaphandle amemeze omunye

“Fuck sebavukile kumele silungise.”

“Nina phumani nemoto.”

Basondele bezwe sekuqhuma futhi isibhamu emnyango bawuvule basho phakathi abane bagqoke izigqoko ezivala ubuso. La endlini sebavuke bonke baphume emagunjini beshayisana uLwazi sekakhohliwe ukuthi usemzini wabantu makaphuma azithele kubabMongezi naye uphuma egunjini lamamGugu. UNathi aphume nesibhamu uLwazi aqonde koyedwa bashayane khona lapho uNathi adubule oyedwa wabo. Baphume naboCebi uSinalo eze naye kudonsiswane endlini. UbabMongezi agcine sekanesibhamu usiphuce omunye wabo.

Kungene omunye ngemva adubule inhlamvu iqonde kuAmanda enye iqonde kumamGugu. Kudume indlu yonke uCebile agijime aye kumawakhe osolele phansi omunye makakhomba ngakuCebi aqonde kuye uLwazi balwe. Naye adubuleke uLwazi akhale uCebile.

Cebi:"MAMA LWAZIIIIII. NO NO NO NO MKHATHINI."

Omunye walezigebengu athuke makezwa uCebile akhala eme abheke uLwazi sekalele phansi aziwise phambi kwakhe makamubamba kubekhona omudonsayo.

"Ayeza amaphoyisa asivaye itransi seyivayile."

Alizwe iphimbo lakhe uCebile elowesifazane makadonsa lo oguqe kuLwazi kuphume iglove esandleni abone nombhalo esandleni sakhe lo wesifazane. Naye ngathi uyakhala manje

"Asambe ngiyakucela myeni wami."

UCebile ukuzwa konke lokhu kodwa inhliziyo yakhe ikumawakhe nesithandwa sakhe, baphume sekusondela umsindo wamaphoyisa. UbabMongezi naye ugcwele igazi akwaziwa noma udubulekile noma igazi lomunye. Makafika ngakumamGugu awe ubabMongezi kudume indlu yonke kukhala esikhulu isililo lesi uNathi ugone inkosikazi yakhe. UCebile agijimele kuLwazi akazi nokuthi amubambe ngakuphi ngoba igazi liphuma entanyeni ngathi kuvulelwe impompi. USinalo nguyena ososhayela esibhedlela kuyayaluka nje.

***ISIQEPHU 70***

***UKULANDISA***

MamYoli:"Nana sengiqedile shesha phela."

Sbo:"Ngisakama mama."

MamYoli:"Kuzaze kugcwale edolobheni angithi lesoka lakho alisafuni kungena ngizolithuma."

Sbo:"Ahhh angimazi ukuthi sekasabani."

Baphume bayogibela itekisi bayaxoxa kamnandi la endleleni

Sbo:"Mama sekuhle kuqala ukugcwala mina ngicabanga ukuthi ngiye kothenga imifino wena uye kofuna ukudla mangiqeda ngizoza kuwe."

MamYoli:"Uyakhula bo kuzobalulula kanjalo, mina ngifuna ewalapha eKhumalos."

Avume bahlukane ngohambo angene khona athathe itrolley akhethe imifino ngendlela umawakhe ayithanda ngakhona ahambe ayokhokha. Makaphuma namapulastiki acishe kushayisana nomuntu aphakamise amehlo ubaba osokhulile amubuke aze akhumule izibuko lobaba ngathi uyamangala.

Sbo:"Ahm ngiyaxolisa ba mnumzane."

"Akunankinga sesi awulimalanga?"

Sbo:"Cha."

Amubuke umuntu omdala aze amangale uSbongile azibuke

Sbo:"Ngicela ukundlula."

"Ohhhh ohhhh phephisa ngane yami ungifanela nosesi wami owasishiya alingana nawe yingakho ngikukhamisela nje."

Sbo:"Ngiyaxolisa ngosesi wakho."

"Ungowakabani mntanami?"

Sbo:"Ntuli."

Asondele kuSbongile kakhulu aze amubambe izandla ezibambe amapulastiki

"Ubani igama lamawakho nobaba?"

Sbo:"Umama uYoliswa."

“Ohhhhhh bantu bakithi hawu nkosi yami yini le?”

Azibambe esifubeni kube ngathi uyawa amubambe uSbongile kodwa uyasinda kuphume nomunye azomusiza.

“Mnumzane kwenzenjani?”

Azincenge umntomdala sekathukile uSbongile mhlawumbe umukhumbuze usesi wakhe kakhulu. Sekayazisola manje naye sekafikelwa ukukhala.

Sbo:”Ukahle mnumzane ngiyaxolisa ngokukukhumbuza usesi wakho.”

“Awungitshelanga igama likababa wakho sesi.”

Sbo:”Angilazi ngoba angimazi, sengiyahamba umama ungilindile ngiyaxolisa futhi.”

Amubambe lobaba uSbongile akafikelwa ukuthuka ngoba abantu babhekile ngeke amenze okubi, kodwa lokhu uyakubona ukuthi akazenzisi uyamukhumbula ngempela usesi wakhe. Basabukene emehlweni nalobaba kuqhamuke omunye amemeza.

“Baba.”

Uyagijima makamubheka uSbongile athuke ilesoka laMihla elacishe lamudlwengula azame kuyeka lobaba walomdlwenguli kepha amuqinise wehla izinyembezi manje lobaba noSbongile sekaze uyakhala ngoba sekathuswa ilo osondelayo. Aze afike ahluthuke uSbongile agijime aqonde ematekisini. Ezwe esebuqamamana

“Mana mntanami ngikubuze, HHAYI NGIYEKE WENA UHAMBE UYOLUNGISA LODODI OWENZILE.”

Angabheki emuva uSbongile asheshe angene etekisini alinde kancane amubone eqhamuka lobaba uyathalaza. Isuke itekisi makabheka ngaphandle amubone ubaba agijimele emotweni yakhe ayisuse alandele letekisi. Ngenxa yokuthi uyaziwa futhi uyahlonishwa bayamudedela endleleni. Ehlike uSbongile makafika emall aphume namapulastiki wakhe umoya sowehlile ngoba ukude nalomdlwenguli. Makafika kumawakhe sekayokhokha naye baphume esitolo.

MamYoli:”Nana kwenzenjani ngathi uthukile?”

Sbo:”Ngibone lesoka laMihla elacishe langidlwengula kodwa ungakhathazeki ngikahle ngithuswe ukuthi selokhu yenzeka lento bengiqala ukumbona.”

MamYoli;”Ngeke akuthinte ngizomuvoma amasende lawa nxxxx.”

Agegetheke uSbongile

Sbo:”Mama inhlamba.”

Amangale umawakhe sekahlahle amehlo umile uphefumulela phezulu alandele amehlo akhe nangu lobaba kusho ukuthi umulandele.

Sbo:”Mama.”

Asondele lobaba

“Yoliswa Ntuli kade ngikufuna ngizoxolisa ngesenzo sami azange ngisakuthola.”

Abambe indodakazi yakhe ngesandla athalaze

MamYoli:”Hlukana nami Khumalo.”

Abhekise amehlo kuSbongile

Khumalo:”Akudingi nokuthi ngibuze ngaye Yoliswa kungani ungazange usho?”

MamYoli:”Mawungasuki la ngizomemeza suka hamba Khumalo ngikuzonda kabi uyinja hamba.”

Kusondele bomantshingelane ahlehlele emuva uKhumalo naye wehla izinyembezi uSbongile yena uzwa ubuhlungu ngokubona umawakhe akhala ngalohlobo phambi kwabantu. Akhiphe ucingo ashayele umalume wakhe.

“Mshana.”

Sbo:”Sisemall malume umama abethethisana nomunye ubaba.”

Amuhlwithe umawakhe alubeke endlebeni yakhe

MamYoli:”Bhuti ulana lomuntu ulana bhuti ngimubone ngalawa ami.”

Malume:”Ngiyeza hlalani la ekuphithizela khona ngiyeza, ngizoyibulala lenja nxxxxx.”

Avale ucingo lwakhe emva kwesikhashana afike ubhuti wakhe sekahambela phezulu nesibhamu akasifihlanga siyabonakala okhalweni. Ahage usesi wakhe aphushe letrolley baye emotweni yakhe bangene emotweni uyathalaza ubhuti wakhe. Konke lokhu kwenzeka uKhumalo ubabukile uyakhala. Indodakazi leya akujiki ifana nosesi wakhe ncamashi, kanti lezinwele ngathi ezikamama omzalayo.

Makabona uDumsane nesibhamu okhalweni abone ukuthi makangamubona uzomubulala ibuhlungu lento ayenza isisebenzi sakhe. Wasala abafuna unembeza sewumudla wangabathola umalume wakhe wayeseshonile. Acabange izinto ezenziwa indodana yakhe abone ukuthi izinduku zikaNkulunkulu. Indodana yakhe iyabahlupha kwakudala isasesikolweni yena nje uphilela kusulana namaphutha kaNsizwa.

Isuke imoto kaDumsane naye ayisuse eyakhe abalandele kepha uhamba kude kunabo, mayingena emgwaqeni la abahlala khona eme ekhoneni ehlike umgwaqo owodwa nakhabo Mihla lona. Abone la epake khona lemoto ngaphandle angene emotweni yakhe ahambe azitshele ukuthi uzobuya noma kungathiwani ingane yakhe leya. Likhale ikhehla aze akhiphe imoto emgwaqeni ibuye yonke lento yenkanuko aba nayo kuYoliswa……..

***___________THE END___________________***

USinalo noNathi babona isithunzi kubo ebusuku ingabe isithunzi sani?

UbabMongezi sabagcina belawulwa imizwa yomkhuba bona kuyophelelaphi kubo na noma bazophila bobabili nomamGugu na?

Umkhulu kanye noButana ingabe bathule ngoba sebaphose ithawula noma kukhona amacebo abawakhayo."

ULwazi akaneme neze ingabe yena uzozithatha izeluleko zikaNathi noma uzophila nje?

UDansile yena kunjani emshadweni wakhe ngoba sekathenjiswa ukulanywa uMihla?

Ugogo kaNhloso yena uzoyithola imilayezo yomzukulu wakhe na?

Phinda wena ungubani?

Izimbali zona ziwuphawu lwani kulomndeni kaNkosi?

Pho obani abafika bazodubula kwaNkosi?

***SEASON 2 UZOLANDELA IYAQHUBEKA UZOPHUMA KUNGAKAPHELI UNYAKA…….***